# I-KHUR'AANI ENGCWELE

## Ehunyushelwe esizulwini

I Qur'an iyisambulo sokugcina esivela ku-Allah (uMvelinqangi), futhi yisona sambulo esisesimweni sobumsulwa ngesimo esambulwa ngaso kuhlanganisa nolimi. IQur'an yembulwa ngolimi lwesi Arab eminyakeni engamakhulu ayishumi nane eyadlula.

IQur'an manje isiyatholakala ngolimi lwesi Zulu.

Kunokukhula kabusha kobu Islam emhlabeni nokuvuseleleka kwamamuslim,kanti futhi i Qur'an ingumthombo wolwazi lobu Islam.

Ubu Islam namhlanje buyinkolo yesibili ngobukhulu la emhlabeni ngakho ke iQur'an iyincwadi yabantu abayisigidigidi nengxenye (1.5 billion) emhlabeni jikelele, okungabantu abangamaphesenti angamashumi amabili nantathu.

Lolushicilelo lwe Qur'an ehunyushelwe olimini lwesiZulu lunika ithuba abantu abakhuluma isiZulu nalabo abafunda isiZulu lokwazi nokuqonda inkolo,izimfundiso kanye nokuthi inkolo yobu Islam ibukeka kanjani emhlabeni jikelele,mhlambe okungenza iningi liqonde ukuthi yini iningi la emhlabeni ikakhulukazi abesimame bamukele lendlela entsha yokuphila,bamukele ubu Islam.

Thirty equal parts (Juz or Paras) comprising of 114 Chapters (Surahs) of the Holy Quran translated into the Zulu language of Southern Africa

ISLAMIC DAWAH MOVEMENT
*of Southern Africa*
P.O. Box 48009, Qualbert, 4078, South Africa
Tel : +2731-304 6883 Email: idm@ion.co.za
Fax: +2731-305 1292 www.idmdawah.co.za

ISBN 978-062066857-6

I-KHUR'AANI ENGCWELE
Ehunyushelwe esizulwini

ISLAMIC DAWAH MOVEMENT
*of Southern Africa* (IDM)

# I-KHUR'AANI ENGCWELE

## Ehunyushelwe esizulwini

*Ihunyushwe ngu:*

**Iqembu lezifundiswa laKwaZulu-Natal**



Izingxenye ezilinganayo ezingamashumi amathathu (Juz noma Paras) zeQur'an engcwele enhunyushelwe olimini lwesi Zulu

ISLAMIC DAWAH MOVEMENT
*of Southern Africa*

**Lesi yisihumusho, esiphelele se**

# I-KHUR'AANI ENGCWELE

Ngolimi lwesi Zulu okungulimi olukhulu e-Afrika esemazansi

*Ihunyushwe ngu:*

**Iqembu lezifundiswa laKwaZulu-Natal**

**Izingxenye ezilinganayo ezingamashumi amathathu (Juz noma Paras) zeQur'an engcwele enhunyushelwe olimini lwesi Zulu**


*Published by:*

***IDM PUBLICATIONS***

The Islamic Dawah Movement of Southern Africa (IDM)
P.O.Box 48009, Qualbert, 4078
Durban, South Africa
Tel: 031-3046883 ~ Fax: 031-3051292
Email:idm@ion.co.za ~ Website: www.idmdawah.co.za

**ISICELO KUBAFUNDI BETHU**

Inhlangano i Islamic Dawah Movement ya la e South Africa (IDM) izinikele ngamandla ayo wonke ukukhiqiza lolushicilelo olungenaphutha lwe Qur'an engcewele ngolimi lwesiZulu.

Siyobancoma kakhulu abafundi bethu uma besazisa ngamaphutha okungenzeka ukuthi abahumushi bethu abawabonanga ngesikhathi kuhunyushwa lolushicilelo

*The Editorial Board*
*IDM Publications Unit*
*Islamic Dawah Movement of Southern Africa (IDM)*
*P.O.Box 48009, Qualbert, 4078, Durban, South Africa*
*Tel: (+27-31) 304-6883*
*Fax: (+27-31) 305-1292*
*Email: idm@ion.co.za www.idmdawah.co.za*

**AN APPEAL TO OUR READERS**

The Islamic Dawah Movement of Southern Africa (IDM) has devoted its best efforts to produce an error-free copy of this edition of the Holy Quran translation into the Zulu language.

We would greatly appreciate it if our readers inform us of any typographical or any other errors that may have escaped our proof readers in the translation of this edition.

*The Editorial Board*
*IDM Publications Unit*
*Islamic Dawah Movement of Southern Africa (IDM)*
*P.O.Box 48009, Qualbert, 4078, Durban, South Africa*
*Tel: (+27-31) 304-6883*
*Fax: (+27-31) 305-1292*
*Email: idm@ion.co.za www.idmdawah.co.za*

| | |
|---|---|
| Published by | IDM Publications |
| Postal Address: | P.O. Box 48009, Qualbert, 4078<br>Durban, South Africa |
| Physical Address: | 495 Dr. Pixley KaSeme Street<br>Durban, 4001, South Africa |
| Telephone: | (++27-31) 304 6883 |
| Facsimile: | (++27-31) 305 1292 |
| Email: | idm@ion.co.za |
| Website: | www.idmdawah.co.za |
| Title: | I-Khur'aani Engcwele |
| Subtitle: | Ehunyushelwe esizulwini |
| Language | Zulu<br>*The Holy Quran*<br>*translated into isiZulu* |
| Translation Verification: | Sunni Jamiatul Ulama (S.A.) |
| Translators: | Iqembu lezifundiswa<br>laKwaZulu-Natal |
| ISBN | 978-0-620-66857-6 |
| 1st Print | July 2015 Ramadaan 1436 |

**IDM Publications** is a division of the:
**ISLAMIC DAWAH MOVEMENT *of Southern Africa* (IDM)**

# Mayelana Nabahumushi

## Iqembu lezifundiswa laKwaZulu-Natal

Alhamdulillah,leQur'an ehunyushelwe olimini lwesiZulu ingumsebenzi wezifundiswa ezahlukene ebenzisebenza ngamunye,ngazimbili noma ngokuhlanganyela

Kube nokucwaninga okukhulu nokuhlaziya,konke lokhu kuthathe iminyaka ebalelwa kweyisikhombisa,okwakunemikhawulo phakathi.

Iqembu labahumushi lihlanganisa.

1. Sheikh Mussa Muhammad Telela
2. Brother Uthman Mfanafuthi Msomi
3. Moulana Abdur Rahman Chilipa
4. Haji Ibrahim Mondli Japhet Mthembu
5. Moulana Imran Ngcobo
6. Moulana Eshaaq Osman

**[1] Sheikh Mussa Muhammad Telela**

USheikh Mussa Muhammad Telela ungumazi weQur'an ngekhanda,wake wathola umklomelo lapho kwakuhlangene khona amazwe angu 94 owawubanjelwe e Cairo ngonyaka ka 2001,lapho aphuma khona phambili.Wathola iziqu zaseNyuvesi I Al Azhar shareef eCairo kwezomthetho enkolweni yobu Islam lapho afunda khona iminyaka eyisikhombisa wabuye wathola iziqu zeDiploma nakwezomthetho wobu Islam I LLB.Kumanje futhi uthuthukisa leziqu ze LLB.Uyakwazi ukukhuluma izilimi ezahlukene isi Arabhu,IsiZulu,IsiNgisi,IsiSwahili,yiBemba yase Zambia,I Yao kanye nesi Chichewa,unolwazi lokufundisa ngisho labo abafunda ukugcina iQur'an ekhanda,ukuba nguImam nanye nokunika izinkulumo emsakazweni

## [2] UBrother Uthman Mfanafuthi Msomi

UMfowethu u Uthman Mfanafuthi Msomi waqeda izifundo zobu Islam ezamthatha iminyaka emithathu azenza esikhungweni I M.A.Motala eThekwini wabuye wathola iqhuzu le Diploma olimini lwesi Arab enyuvesi yaseMadina efunda egxile kwi Dawah.Ukhuluma isiZulu,IsiNgisi kanyenesi Arab wasebenza e IDM iminyaka emine eThekwini,umsebenzi wakhe wawugxile ekuhunyushweni kwezincwadi ezahlukene zihunyushelwa esiZulwini kuhlanganisa neQur'an.

Wathatha iminyaka eminingi ehumusha iQur'an eyihumushela esiZulwini eyisusula kwisiArab esebenziswa nehunyushwe ngesiLungu,yilokhu okumayelana naye,Alhamdulillah. Kumanje ufundela ubuthishela eNyuvesi yase UNISA. Ngesikhathi ese IDM wayebambe iqhaza elikhulu kwi Dawah,kakhulukazi ezikhungweni zemfundo ephakeme esifundazweni sakwa Zulu Natal.Eminyakeni yakhe engu 36 ubonakala enekusasa eliqhakazile uma ubheka nendlela akukhuthalele ngayo ukufunda Inshaa Allah.

## [3] Moulana Abdur Rahman Chilipa

UMoulana Abur Rahman Chilipa wathola iziqu zakhe eNyuvesi I Aba Noor eSyria lapho ayenza khona iziqu zomthetho wathola iziqu ze Diploma ngonyaka ka 1999.Ukhuluma izilimi olwesiLungu,isiZulu,isiArab,isiSwahili,iYao kanye nesiChichewa,unolwazi lokuba ngu Imam,ukufundisa,ukunika izinkulumo kanye nokukhuluma emsakazweni.

## [4] Hajji Ibrahim Mondli Japhet Mthembu

UHajji Ibrahim Mondli Japhet Mthembu unesitifiketi sokukhanda asithola ekolishi lamakhono eMlazi.Wamukela inkolo yoUbu Islam ngonyaka ka 1999 wabe eseyofunda

eDarul Uloom eDarul U(Inyuvesi yobu Islam).Unolwazi ngokushumayela ngenkolo yobu Islam kanye nokufundisa eMadrasah(isikole senkolo yobuIslam).Ukwazi ukukhuluma ulimi lwesiLungu nolwesiZulu.

**[5] Moulana Imran Ngcobo.**

UMoulana Imran Ngcobo wathola iziqu zakhe zenkolo yobuIslam eDarul Uloom eNew Castle,lapho afunda khona iminyaka eyisithupha wahlonishwa ngeziqu zobufundiswa enkolweni yobu Islam.Unolwazi olunzulu mayelana nokushumayela ngenkolo yobu Islam,ukufundisa nokunika izinkulumo.Uke wahumusha izincwadi zabantu nezinhlangano ezahlukene.

Kumanje usebenza njengotolika enkantolo yemantshi enkantolo yaseThekwini wezilimi isiArab,isiZulu nesiLungu. Wazi ulimi lwesiLungu,isiZulu kanye nesiArab.

**[6] Moulana Eshaaq Osman**

UMoulana Eshaaq Osman Ximba wazalelwa eTugela Ferry esifundazweni saseNingizimu Afrika ikwa Zulu Natal. Waphothula iziqu zakhe zobufundiswa enkolweni yobu Islam kanye nezifundo ze Ebtidaiya elawulwa yiNyuvesi I Al Azhar yaseGibhithe esikhungweni esiseDarul Uloom ePitoli,lapho afunda khona iminyaka eyisithupha.Ulimi lwakhe lwebele isiZulu bese ekhuluma nesiLungu,kanti futhi uyakwazi ukukhuluma isiLungu,futhi ukhuluma ulimi lwesi Arab nolwe Urdu.Unolwazi lokuba ngu Imam,ukufundisa,ukunika izinkulumo kanye nokuhaya imithandazo.

# About the Translators

## KwaZulu-Natal Based Group of Scholars

Alhamdulillah, this Zulu translation of the Holy Quran was a collective effort of a number of scholars, who worked singly, in pairs or collectively. There have been numerous reviews and rechecks. It was more than seven years in the translation, with breaks between.

The several translators exhibited different levels of strengths, expertise, learning and qualifications.

This Zulu translation was achieved and accomplished direct from the Arabic Quran, as well as from various well known English translations.

The team of translators included the following:

1. Sheikh Mussa Muhammad Telela
2. Brother Uthman Mfanafuthi Msomi
3. Moulana Abdur Rahman Chilipa
4. Haji Ibrahim Mondli Japhet Mthembu
5. Moulana Imran Ncgobo
6. Moulana Eshaaq Osman

**[1] Sheikh Mussa Muhammad Telela**

Sheikh Mussa Muhammad Telela is a Hafizul Quran and Award winner in the Qur`an Competition of at least 94 Countries around the globe, which was held in Cairo in 2001, where he attained position number one. He is a graduate of the Al-Azhar Shareef International University in Cairo, in the faculty of Islamic Sharia Law, where he studied for seven years; and obtained the Al-Azhar Advanced Diploma in Islamic LLB. He is currently studying towards his degree in Islamic LLB. He is fluent in many languages, including Arabic, Zulu, English,

Swahili, Zambian Bemba, Yao and Chichewa. He has extensive experience in teaching, conduction of Hifz classes, Imamat, lecturing, and radio presentations on Islam.

**[2] Brother Uthman Mfanafuthi Msomi**

Brother Uthman Mfanafuthi Msomi, successfully completed a three year course on Islamic studies from M.A. Motala Islamic centre in Durban. He then furthered his Islamic knowledge for 5 years, at the University of Madinah in Saudi Arabia, where he first achieved a Diploma in Arabic Language and then entered the Kuliyati Dawah (Faculty of Dawah), for studies on Islamic Dawah. He is fluent in Zulu, English and Arabic. He worked for 4 years with the Islamic Dawah Movement of Southern Africa (IDM) at its Headquarters in Durban. His principle task and duties involved the translation of Islamic literature into isiZulu, and especially the Holy Quran. He spent many fruitful years in the translation of the Quran into Zulu, from the original Arabic and the more popular English translations, with meticulous and scholarly endeavours. This is his forte, Alhamdulillah.

He is currently studying for a Bachelor's Degree in Education from the University of South Africa (UNISA). Whilst at IDM and after, he has been active and gained tremendous experience in the field of dawah, especially at the university campuses in the Kwa Zulu Natal Province of South Africa. At 36 years old, Brother Uthman appears to possess a tremendous future ahead, considering his potential academic excellence, and above all, his high motivational levels, Insha Allah.

**[3] Moulana Abdur Rahman Chilipa**

Moulana Abdur Rahman Chilipa is a graduate of the Aba Noor University in Syria, where he studied in the facility of Islamic

Shariah and obtained his Diploma in Islamic Shariah Law in 1999. He is fluent in English, Zulu, Arabic, Swahili, Yao and Chichewa. He has extensive experience in Imamate, teaching, lecturing and radio presentations on Islam.

**[4] Haji Ibrahim Mondli Japhet Mthembu**

Haji Ibrahim Mondli Japhet Mthembu is a motor mechanic graduate of the Umlazi Technical College. He embraced Islam in 1999, and studied at Darul Uloom NewCastle. He has extensive experience in grassroots dawah work and Madressa teaching. He is fluent in Zulu and English.

**[5] Moulana Imran Ncgobo**

Moulana Imran Ncgobo is a graduate of Darul Uloom Newcastle, where he studied for 6 years, and qualified as an Alim. He has extensive experience in dawah work, teaching and lecturing. He has been a translator for many individuals and organisations. He practises as an official Arabic-Zulu-English interpreter in the Durban Magistrates Court. He is fluent in English, Zulu and Arabic.

**[6] Moulana Eshaaq Osman**

Moulana Ishaq Osman Ximba was born in Tugela Ferry in the Kwa-Zulu Natal Province of South Africa. He qualified for the Aalim's Course as well as the Al Azhar Ebtidaiya Course (primary level of Egypt's Al Azhar University's Aalim Course) at the Darul Uloom Pretoria, where he studied for six years. His home language is Zulu & English, but he is also fluent in Arabic and Urdu. He has much experience in Imamat, teaching, lecturing and spiritual recitations.

# AMAZWI KAMSHICILELI WE QUR'AN NGOLIMI LWESI ZULU

*Egameni lika Allah onomusa onesihawu. Lonke udumo lungoluka Allah ongumlolongi nomondli wakho konke. Ukuthula nokubingelela makube kuMprofethi wethu uMuhammad (u.k.k.), umndeni wakhe nabafundi bakhe.*

Qur'an iyi Qur'an ngolimi lwayo lwendabuko lwesi Arabhu,akukho okungashintsha lokho.

Ukuhunyushelwa kwayo ezilimini ezahlukene zomhlaba njengalo lolulimi lwesiZulu lapha e Afrikha esemazansi kunjengomfanekisowobumsulwa, ubuhle nokunotha kwe Qur'an ngolimi lwayo lwendabuko isi Arabhu. Ukuhunyushwa kwanoma iyiphi incwadi isuka kolunye ulimi iya kolunye kuvamise ukuthi ilahlekelwe incazelo ecacile.Ngokufanayo nayo i Qur'an.

Ngakho bafundi bami besiZulu, imizamo yenu yokuqonda i Qur'an ngalolulimi lwesiZulu buyancomeka ngoba imizamo yokwenza lokho okukwi Qur'an kusho ukuzinikela ekuthatheni uhambo lokuzifuna, ukuzithuthukisa nokuzisondeza kuMdali njengoba izigidi zabantu zenza kanjalo phambilini kuhlanganisa nayo lenceku.

Kodwa khumbula futhi ukuthi mayelana naleliphuzu elingenhla lokuthi lesi yisiqalo sohambo lwakho.

Ithemba likhulu lokuthi lokhu kungaba yisinyathelo esibheke ekuqondeni i Qur'an ngolimi elingumsuka wayo lwesi Arabhu okungaholela ekutheni uthole ubuhle bobu Islam, imigomo yabo yokwenza ubuhle nendlela elungile yokuphila, ukuqondisa nobuhlakani, ayi kunomayini kodwa kwi Qur'an ngolimi lwayo lwendabuko lwesi Arabhu Inshaa Allah (Uma uAllah evumile).

==========================

Ulimi lwesiZulu lungolunye lwezilimi eziyishumi nanye ezisemthethweni, kodwa futhi luyakhulunywa eZimbabwe, Lesotho, Malawi, Mozambikhi nase Swazini, ngakho izigidi eziyishumi nambili zilukhuluma njengolimi lwebele, bese izigidi eziyishumi nesithupha zilukhuluma njengolimi lokungezelela. Ulimi lwesiZulu lukhulunywa kakhulu njengolimi lwasekhaya noma ulimi lwebele eNingizimu Afrikha (u24% wabantu) futhi libe liqondwa yingxenye yomphakathi.

Njengezilimi zomdabu eziningi zase Afrika esemazansi, isiZulu sasingabhalwa kwaze kwafika abashumayeli ababesuka eYurophu, ababhala lolulimi besebenzisa isi Lathini. Incwadi yokuqala yemithetho yolimi yashicilelwa e Norway ngonyaka ka 1883. Umqingo wokuqala obhaliwe kwakuyibhayibheli elihunyushwe ngesiZulu elathulwa ngonyaka ka 1883.

Njengeningi lezilimi ezinkulu zabantu base Afrika isiZulu sinomzwilili, uma sibhalwa awukwazi ukuveza lowomzwilili yize uwuzwa ngokucacile uma sesikhulunywa, ukujobelela ulimi lwesiZulu lunemisindo ephuma emlonyeni ngendlela ehlukile etholakala ezilimini zase Afrika esemazansi.

Isizulu sangempela sifundiswa ezikoleni futhi sehlukile kuleso esikhulunywa ngabantu abahlala emadolobheni. IsiZulu sangempela simsulwa, kusona kwakheka namagama amasha, kanti isiZulu esikhulunywa emadolobheni sinamagama amaningi ayimifakela athathwe kakhulukazi olimini lwesiLungu.

IsiLungu saseningizimu Afrika sincele amagama amaningi olimini lwesiZulu anomthelela esilungwini esikhulunywa namuhla. Kusukela kwaphela ubandlululo ngonyaka ka 1994 isiZulu sathola ukuvuseleleka komabonakude bolimi lwesiZulu, imisakazo, amaphephandaba namaphephabhuku. Ukujobelela iningi lezinye izilimi zesinguni lithuthukile engxenyeni yeningizimu Afrika eseMpumalanga.

========================

I IDM ithathe igxathu elikhulu lokuhumushela i Qur'an olimini lwesiZulu okuthathe iminyaka engaphezu kweyisikhombisa ukuqeda lomsebenzingokulekelelwa ngabanolwazi. Iqembu labafundile ngamunye ngamaqembu nangokuhlanganyela, bebenza lomsebenzi kulesikhathi. Njengoba kungeyona incwadi ejwayelekile kusetshenzisiswe ikhono elikhulu lokucwaninga.

Ngakho lomphumela walomsebenzi wenzeke ngokukhuthala kwabathile abazinikele ngokuthi ubu Islam buvezwe emphakathini ngendlela ehlanzekile. Ukuzimisela kwe IDM ukufezekisa umsebenzi we Qur'an ekugcineni kube ngumphumela wokuphelelisa lomsebenzi wokuhumushela i Qur'an olimini lwesiZulu. Alhamdulillah (Udumo lungoluka Allah).

Kuyajabulisa ukubona ukusabalala kwenkolo yobu Islam ayi ngenye indlela kodwa ngomsuka wayo okuyi Qur'an ihunyushelwe olimini lwesiZulu. Isabalalisa ngesizulu imigomo enika impilo ngenkolo yobu Islam, inika imfundiso, ngempilo, nangokuphila emhlabeni ngendlela efanele umphakathi okhuluma futhi ufunda isiZulu.

*Sengathi uAllah angamukela lomzamo wethu. Sicela usizo lwakhe ukusiqondisa, umusa wakhe nentethelelo yakhe. Lonke udumo lungoluka Allah iNkosi yakho konke.*

====================

July 2015
Ramadaan 1436

Dr. Ebrahim Dada
Chief Executive Officer
Islamic Dawah Movement of Southern Africa
Durban, South Africa

# PUBLISHER'S NOTE

*In the name of Allah, the Beneficient, the Merciful. All Praise is due to Allah, the Cherisher and the Sustainer of the Universe. May peace and salutations be upon our Prophet Muhammad(s), his family and companions.*

The Quran is the Quran in the original Arabic language. The beauty of the Quran, in its meaning, in its reading, and its recitation, is the beauty of the Quran in the Arabic language. Nothing can substitute that.

Its translation into the various languages of the world, like this in the Zulu language in Southern Africa, is therefore a mere shadow of the grandeur, nobility, beauty and elegance of the Quran in its original Arabic language.

A translation of any book from one language to another loses a substantial portion of its meaning. More so with the Quran.

Therefore, my dear Zulu readers, your attempt to understand the Quran by this Zulu translation is highly laudable, because by implementing the pearls of the Quran, you have embarked on a journey of self discovery and self development and closeness to your Creator; as millions before you have done, including this humble servant.

But also remember, in the light of the above statement, that this will be only the beginning of your journey.

Hopefully it will be a stepping stone towards the understanding of the Quran in the original Arabic language; and therefore acquiring the gems of Islam, its instructions for a correct and noble way of living, and its guidance and wisdom, from none other than the Quran in the original Arabic language, Insha Allah (God Willing).

===================

The Zulu language (isiZulu) is one of 11 official languages in South Africa, but also native to Zimbabwe, Lesotho, Malawi, Mozambique and Swaziland, with estimates of about 12 million primary speakers, and 16 million secondary speakers. The Zulu language is the most widely spoken home language or mother tongue in South Africa (24% of the population) as well as being understood by over 50% of the population.

Like most indigenous Southern African languages, Zulu was not a written language until contact with missionaries from Europe, who documented the language using the Latin script. The first grammar book of the Zulu language was published in Norway in 1850. The first written document in Zulu was a Bible translation that appeared in 1883.

Like the great majority of other Bantu and African languages, Zulu is tonal. It is conventionally written without any indication of tone, despite the fact that tone is distinctive in Zulu. Additionally, the Zulu language possesses several click sounds typical of Southern African languages.

Standard Zulu ("deep Zulu") is taught in schools, and differs in various respects from the language spoken by people living in cities (urban Zulu) Standard Zulu tends to be purist, using derivations from Zulu words for new concepts, whereas speakers of urban Zulu use loan words abundantly, mainly from English.

South African English has absorbed many words from the Zulu language. Conversely, many Zulu words have made their way into standard English.

Since the demise of apartheid in 1994, Zulu has been enjoying a marked revival with a marked increase in Zulu-language television, radio, newspapers and magazines. Furthermore, the mutual intelligibility of many Nguni languages has increased the likelihood of Zulu becoming the lingua franca of the eastern half of South Africa.

====================

The Islamic Dawah Movement of Southern Africa (IDM) undertook the tremendous and honourable task of translating the Quran into the Zulu language; and laboured for over 7 years to complete this task, with meticulous and scholarly endeavours. A group of scholars, singly, in groups, or collectively, have been working on this during this period of time. As this is not any ordinary book, there have been innumerable checks and re-checks.

This mamoth task is therefore the culmination of tremendous efforts of many individuals committed to presenting Islam in its pristine purity to the general public.

IDM's commitment to serve the Quran finally resulted in the completion of this honourable task of the Zulu translation of the Holy Qur'an. Al hamdullilah, (Praise be to God, Almighty).

It is heartening and inspiring to witness the elucidation of Islam from none other than its original source, the Holy Quran, into the Zulu language; and transmitting, in Zulu, Islam's life-giving articles of faith, its life-sustaining teachings and its life-enriching world view, in a manner best suited to the Zulu-speaking and Zulu-reading public.

The Islamic Dawah Movement of Southern Africa (IDM) acknowledges, with appreciation, the efforts of all the individuals who helped produce this monumental translation.

*May Allah (سبحانه وتعال) accept this humble effort of ours. We beseech His help, His guidance, His mercy and His forgiveness. And all praise belongs to Allah, the Lord of the worlds.*

====================

July 2015
Ramadaan 1436

Dr. Ebrahim Dada
Chief Executive Officer
Islamic Dawah Movement
of Southern Africa
Durban, South Africa

Suite 105 - First Floor
Mohammedeya Centre
263 MosesKotane Road
(Sparks Road)
Overport, Durban, 4076

Tel: +2731 207 7063
Fax: +2731 209 5357

All correspondence to be addressed to the Secretary

Postnet Suite 37
Private Bag X05
Overport
Durban 4067

# SUNNI JAMIATUL ULAMA S.A.

ESTABLISHED 1979

The Respected Chairman and Members
Islamic Dawah Movement of Southern Africa
Durban

اَلسَّلَامُ عَلَيْكُمْ وَرَحْمَةُ اللّٰهِ وَبَرَكَاتُهُ

All praise is due to Allah ﷻ, and Peace and Blessings be upon our noble Prophet Muhammad ﷺ, the last and final of His messengers to mankind.

This is to record that the Sunni Jamiatul Ulama of South Africa has verified this entire translation of the Holy Quran into the Zulu language. To the best of our knowledge, we deem this work to be accurate and in conformity with the principles, grammar and linguistic expressions unique to the Holy Quran.

The Sunni Jamiatul Ulama South Africa extends our congratulations to the Islamic Dawah Movement of Southern Africa (IDM) for accomplishing this magnificent literary work; and we are proud to be associated with this glorious project.

This effort of translating the Holy Quran into Zulu is a further major input and armamentarium to the work of Dawah in Southern Africa, and will aid tremendously in the fulfillment of our duty to propagate the pristine Deen of Islam on the African sub-continent, In-sha-Allah.

We pray to Allah ﷻ, may He shower his endless blessings and rewards upon the Islamic Dawah Movement of Southern Africa (IDM), and to all those involved in this project of the translation, publication and distribution of the Holy Quran into the Zulu language in Southern Africa.

Was Salaam

M.Y. Gaffar

Moulana Mahomed Yusuf Gaffar Chish'ti Sialwee
President
Sunni Jamiatul Ulama S.A.

June 2015
Ramadaan 1436

Tel: +27312077063 Fax: +27312095357 email: admin@sjusa.co.za

SUNNI JAMIATUL ULAMA S.A
SUITE 105, FIRST FLOOR
MOHAMMEDEYA CENTRE
263 SPARKS ROAD
SYDENHAM, DURBAN, 4091
TEL/FAX: - 031 - 2077063

# OKUPHAKATHI


| | |
|---|---|
| *Mayelana Nabahumushi* | *ix* |
| *About the Translators* | *xii* |
| *Amazwi ka-Mshicileli* | *xv* |
| *Publisher's note* | *xviii* |
| *MJC Letter of Confirmation* | *xxiii* |

| **No** | **Isahluko** | **Surah** | **Ikhasi** |
|---|---|---|---|
| 1 | uKuvulwa | Al-Fâtiha | 1 |
| 2 | Inkomazi | Al-Ba'karah | 2 |
| 3 | uMndeni Ka Imran | Ali 'Imrân | 48 |
| 4 | Abesifazane | An-Nisâ' | 76 |
| 5 | Itafula (Eligcwele) | Al-Mâ-idah | 106 |
| 6 | Imfuyo (Edla Utshani) | Al-An'âm | 128 |
| 7 | Indawo Ephakeme | Al-A'râf | 152 |
| 8 | Izimpango Zempi | Al-Anfâl | 179 |
| 9 | uKuphendukela | At-Tawbah | 190 |
| 10 | uJona | Yûnus | 211 |
| 11 | uHudi | Hûd | 226 |
| 12 | uJosefa | Yûsuf | 242 |
| 13 | Ukuduma Kwezulu | Ar-Ra'd | 257 |
| 14 | U-Abrahamu | Ibrâhîm | 264 |
| 15 | Idwala | Al-Hijr | 271 |
| 16 | Izinyosi | An-Nahl | 278 |
| 17 | Uhambo Lwasebusuku | Al-Isrâ' | 294 |
| 18 | Umgede | Al-Kahf | 307 |
| 19 | Umariya | Maryam | 321 |
| 20 | Tâ-Hâ | Tâ-Hâ | 330 |
| 21 | Abaphrofethi | Al-Anbiyâ' | 342 |
| 22 | Uhambo Endaweni Engcwele | Al- Hajj | 352 |
| 23 | Amakholwa | Al-Mu'minûn | 363 |
| 24 | Ukukhanya | An-Nûr | 372 |

| | | | |
|---|---|---|---|
| 25 | Isimo Sokunquma | Al-Fur'kân | 383 |
| 26 | Izimbongi | Ash-Shu'arâ | 391 |
| 27 | Intuthwane | An-Naml | 404 |
| 28 | Isambulo | Al-Kasas | 414 |
| 29 | Isicabucabu | Al-Ankabût | 425 |
| 30 | Abaseroma | Ar-Rûm | 433 |
| 31 | Uluqman | Lu'kmân | 440 |
| 32 | Al-Sajdah | Sajdah | 445 |
| 33 | Izinhlangano | Al-Ahzâb | 449 |
| 34 | Sheba (Isizwe Sama Sheba) | Saba | 460 |
| 35 | Umsunguli | Al-Fâtir | 467 |
| 36 | Ya'seen | Yâsîn | 473 |
| 37 | Abahlelwe Ngezigaba | As-Sâffât | 479 |
| 38 | Uhlamvu Lwemfihlakalo | Sâd | 488 |
| 39 | Izixuku | Az-Zumar | 495 |
| 40 | Ikholwa | Ghâfir | 504 |
| 41 | Izinhlamvu Zequrani | Fussilat | 514 |
| 42 | Isigungu | Ash-Shûra | 521 |
| 43 | Ukuhlobisa | Zurhruf | 528 |
| 44 | Intuthu | Ad-Durhân | 536 |
| 45 | Ukuguqa | Al-Jâthiyah | 540 |
| 46 | Amagquma Ezihlabathi | Al-Ah`kâf | 544 |
| 47 | Umuhammad | Muhammad | 549 |
| 48 | Ukunqoba | Al-Fath | 554 |
| 49 | Amakamelo | Al-Hujurât | 559 |
| 50 | Qaf | 'Kâf | 562 |
| 51 | Imimoya Esakazayo | Ad-Dhâriyât | 566 |
| 52 | Intaba | At-Tûr | 570 |
| 53 | Inkanyezi | An-Najm | 573 |
| 54 | Inyanga | Al- 'Kamar | 577 |
| 55 | Onomusa | Ar-Rahmân | 581 |
| 56 | Isehlakalo | Al-Wa'ki'a | 586 |
| 57 | Insimbi | Al-Hadîd | 591 |
| 58 | Owesifazane onempikiswano | Al-Mujâdilah | 596 |

| | | | |
|---|---|---|---|
| 59 | Umhlanga | Al-Hashr | 600 |
| 60 | Owesifazane Okumele Avivinywe | Al-Mumtahina | 604 |
| 61 | Okuhlelwe Ngomugqa | As-Saff | 607 |
| 62 | Ulwesihlanu | Al-Jumu'ah | 609 |
| 63 | Abazenzisi | Al-Munâfi'kûn | 611 |
| 64 | Ukulahlekelwa Kwababili Nokuzuza | At-Tagrhâbun | 613 |
| 65 | Isehlukaniso Somshado | At-Talâ'k | 616 |
| 66 | Ukwenqabela (Ukwenqatshelwa) | At-Tahrîm | 619 |
| 67 | Ubukhosi (Umbuso) | Al-Mulk | 622 |
| 68 | Ipeni | Al-'Kalam | 625 |
| 69 | Iqiniso | Al-Hâ'k'kah | 629 |
| 70 | Izindlela Ezenyukayo | Al-Ma'ârij | 632 |
| 71 | Unowa | Nûh | 635 |
| 72 | Amajinn | Al-Jinn | 638 |
| 73 | Al-Muzzamil | Al-Muzzammil | 641 |
| 74 | Owemboziwe | Al-Muddath-thir | 643 |
| 75 | Ukuvuka Kwabafileyo | Al- 'Kiyâmah | 646 |
| 76 | Isikhathi | Al-Insân | 648 |
| 77 | Abathunyiwe | Al-Mursalât | 651 |
| 78 | Izindaba | An-Nabâ | 654 |
| 79 | Lokho Okukhiphayo | An-Nâzi'ât | 656 |
| 80 | Ukuhwaqabala (Kokudinwa) | 'Abasa | 659 |
| 81 | Ukugoqa (Ukusonga) | At-Takwîr | 661 |
| 82 | Ukuklezuka (Ukudabuka Phakathi) | Al-Infitâr | 663 |
| 83 | Abakhwabanisayo Esikalweni | Al-Mutaffifîn | 665 |
| 84 | Ukuqhekeka Phakathi | Al-Inshi 'kâ'k | 667 |
| 85 | Izinkanyezi Ezinkulu | Al-Burûj | 669 |
| 86 | Okukhanya Ebusuku (Inkanyezi) | At-Târi'k | 671 |
| 87 | Ophakeme Kakhulu | Al-A'laa | 672 |
| 88 | Isehlakalo Esehlulayo | Al-Grhâshiyah | 673 |
| 89 | Ukusa | Al-Fajr | 675 |
| 90 | Idolobha | Al-Balad | 677 |
| 91 | Ilanga | A-sh-Shams | 678 |
| 92 | Ubusuku | Al-Layl | 679 |

| | | | |
|---|---|---|---|
| 93 | Ukukhanya Kokusa | Ad-Dhuhâ | 680 |
| 94 | Ukunwebeka | Ash-Sharh | 681 |
| 95 | Ikhiwane | At-Tîn | 682 |
| 96 | Ihlule | Al-‘Ala‘k | 683 |
| 97 | Ubusuku Obunamandla | Al’Kadar | 684 |
| 98 | Ubufakazi Obucacile | Al-Bayyina | 685 |
| 99 | Ukunyakaza | Az-Zilzâl | 686 |
| 100 | Lokho Okugijimayo | Al-‘Adiyât | 687 |
| 101 | Ukushaya | Al-‘Kâriyah | 688 |
| 102 | Ukuqoqela Ndawonye | At-Takâthur | 689 |
| 103 | Isikhathi | Al-‘Asr | 690 |
| 104 | Inhlebi | Al-Humâzah | 691 |
| 105 | Indlovu | Al-Fîl | 692 |
| 106 | Isizwe Samaqureysh | Al-‘Kuraysh | 693 |
| 107 | Isidingo | Al-Ma‘ûn | 694 |
| 108 | Inala | Al-Kawthar | 695 |
| 109 | Abangakholwa | Al-Kâfirûn | 696 |
| 110 | Usizo | An-Nasr | 697 |
| 111 | Ilangabi | Lahab | 698 |
| 112 | Ubumsulwa | Al-Ikhlâs | 699 |
| 113 | Ukusa | Al-Fala‘k | 700 |
| 114 | Isintu | An-Nâs | 701 |

# INGXENYE


Ingxenye 1 . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 1
Ingxneye 2 . . . . . . . . . . . . . . . . . . 20
Ingxneye 3 . . . . . . . . . . . . . . . . . . 39
Ingxneye 4 . . . . . . . . . . . . . . . . . . 60
Ingxneye 5 . . . . . . . . . . . . . . . . . . 80
Ingxneye 6 . . . . . . . . . . . . . . . . . .101
Ingxneye 7 . . . . . . . . . . . . . . . . . .121
Ingxneye 8 . . . . . . . . . . . . . . . . . .143
Ingxneye 9 . . . . . . . . . . . . . . . . . .163
Ingxneye 10. . . . . . . . . . . . . . . . . .183
Ingxneye 11. . . . . . . . . . . . . . . . . .204
Ingxneye 12. . . . . . . . . . . . . . . . . .226
Ingxneye 13. . . . . . . . . . . . . . . . . .249
Ingxneye 14. . . . . . . . . . . . . . . . . .271
Ingxneye 15. . . . . . . . . . . . . . . . . .294
Ingxneye 16. . . . . . . . . . . . . . . . . .316
Ingxneye 17. . . . . . . . . . . . . . . . . .342
Ingxneye 18. . . . . . . . . . . . . . . . . .363
Ingxneye 19. . . . . . . . . . . . . . . . . .385
Ingxneye 20. . . . . . . . . . . . . . . . . .409
Ingxneye 21. . . . . . . . . . . . . . . . . .430
Ingxneye 22. . . . . . . . . . . . . . . . . .453
Ingxneye 23. . . . . . . . . . . . . . . . . .474
Ingxneye 24. . . . . . . . . . . . . . . . . .498
Ingxneye 25. . . . . . . . . . . . . . . . . .519
Ingxneye 26. . . . . . . . . . . . . . . . . .544
Ingxneye 27. . . . . . . . . . . . . . . . . .567
Ingxneye 28. . . . . . . . . . . . . . . . . .596
Ingxneye 29. . . . . . . . . . . . . . . . . .622
Ingxneye 30. . . . . . . . . . . . . . . . . .654

INGXENYE 1

# (1)
# Ukuvula

***Isigaba Sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Udumo malube kuAllah umdali nomondli wemihlaba.
2. Onomusa onesihawu.
3. Umbusi welanga lokwahlulelwa.
4. Uwena (kuphela) esimkhonzayo futhi uwena kuphela esicela kuwe usizo. `
5. Siholele endleleni eqondile.
6. Indlela yalabo obaphe umusa.
7. Hhayi (indlela) yalabo okwehliselwe ulaka phezulu kwabo nalabo abedukayo.

# (2)
# Inkomazi

***Isigaba Sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Alif Laam Meem.
2. Lena yincwadi engenakungabaza kuyo, ingumholi kulabo abesaba uMvelinqangi.
3. Labo abakholelwa kokungabonwayo futhi abenza umthandazo, futhi banikele kulokho esibaphe kona.
4. Nalabo abakholwa kulokho okwambulelwa wena nalokho okwambulelwa labo abangaphambilini kwakho, futhi benesiqiniseko ngempilo ezayo.
5. Labo-ke basekuholweni okuvela eNkosini yabo, futhi yilabo abaphumelelayo.
6. Ngempela labo abaphika ukholo kuyefana nje noma uyabaxwayisa noma awubaxwayisi angeke baze bakholwe.
7. UMvelinqangi uvale izinhliziyo zabo kanye nokuzwa kwabo, futhi kunesisithezo ngaphambili kwamehlo abo, futhi isijeziso sabo sikhulu.

***Isigaba sesibili (2)***

8. Futhi phakathi kwabantu kukhona abathi “thina siyakholwa kuMvelinqangi nasosukwini lokugcina” kepha bengakholwa.
9. Bazama ukukhohlisa uMvelinqangi kanye nalabo abakholwayo, kepha abakhohlisi (muntu) ngaphandle kokuzikhohlisa bona uqobo kepha ababoni.
10. Ezinhliziywени zabo kukhona isifo ngakho-ke uMvelinqangi wabandisela isifo, bamelwe yisijeziso esibuhlungu ngalokho ababeqamba amanga ngakho.

11. Futhi uma betshelwa ukuthi yekani ukona emhlabeni bona bathi, "Singabalungisayo".
12. Ngempela bayizoni zoqobo kepha ababoni.
13. Uma betshenwa kuthiwa kubo, "kholwani njengoba bekholwa abantu" bathi, "sikholwe njengoba zakholwa iziwula na?" Kepha okusempeleni yibona iziwula kepha abazi.
14. Uma behlangana nalabo abakholwayo bathi "siyakholwa" kepha uma bebodwa nosathane babo bathi sikanye nani kade sibhuqa nje.
15. UMvelinqangi uyophindisela kubona ukubhuqa kwabo abayeke benhlanhlatha beyizimpumputhe.
16. Labo-ke yilabo abathenga ukuduka esikhundleni sokukholwa, kepha ukuthenga kwabo akubanga nanzuzo futhi abazange babe abaholwayo.
17. Bafaniswa nomuntu ophemba umlilo okuthi lapho usukhanya yonke indawo uMvelinqangi athathe ukukhanya kwabo abashiye ebumnyameni bengaboni.
18. Izithulu, izimungulu, izimpumputhe angeke babuyele (endleleni eqondile).
19. Noma njengezulu ligqunqe limnyama nemvula emafini futhi linyazima babeka iminwe yabo ezindlebeni zabo ngenxa yokuduma kwezulu besaba ukufa uMvelinqangi uyabazungeleza abangakholwayo.
20. Umbani uthi awufiphaze amehlo abo, uma linyazima bahamba ngokukhanya kwalo uma kubamnyama bame, futhi uma uMvelinqangi ubethanda ubengababaphuca ukuzwa kwabo nokubona kwabo, ngempela uMvelinqangi ungaphezu kwazo zonke izinto.

***Isigaba sesithathu (3)***

21. Oh Bantu! Khonzani iNkosi yenu eyanidalayo nina kanye nalabo ababengaphambili kwenu ukuze nibe ngabalungileyo.

22. Uyena owenza umhlaba wandlaleka nesibhakabhaka ukuthi sibe uphahla, wehlisela phansi imvula evela ezulwini, wenza ngayo ukuthi kuphume izithelo eziyisipho senu, yekani ukwenzela uMvelinqangi izimbangi nibe nazi.
23. Uma nina ningabaza kulokhu esikwehlisele encekwini yethu nani lethani isahluko esifanayo nibize ofakazi benu ngaphandle kukaMvelinqangi uma nineqiniso.
24. Kepha uma ningakwenzi (lokho) ukuletha ofakazi benu futhi anisonze nakwenza sabani lowomlilo ozithungelo zawo kungabantu namatshe alungiselwe labo abangakholwa.
25. Futhi yisho izindaba ezimnandi kulabo abakholwayo futhi abenza okulungileyo okwabo yizivande okugeleza ngaphansi kwazo imifula, njalo uma bephiwa izithelo ezivela kulezi zivande bothi "lokhu kuyikho esakuphiwa ngaphambilini", futhi bephiwa okufanayo, futhi okwabo lapho phakathi yizithandwa ezimsulwa, futhi bayohlala nazo kuze kube yingunaphakade.
26. Ngempela uMvelinqangi akanawo amahloni okwenza isibonelo ngomiyane noma okungaphansi kwawo, kepha labo abakholwayo bayazi ukuthi kuyiqiniso elivela eNkosini yabo kepha labo abaphika ukholo bathi "usho ukuthini uMvelinqangi ngalesisibonelo na?" udidisa ngaso abaningi futhi abaningi ubahola ngaso, kepha akadukisi (muntu) ngaso ngaphandle kwabonayo.
27. Labo abaphula isivumelwano sikaMvelinqangi emva kokuba sesiqinisekisiwe, futhi baphule lokho uMvelinqangi aphoqa ngakho ukuba kuhlanganiswe futhi bayona emhlabeni, yiboke labo abalahlekelwayo.
28. Anikholwa kanjani kuMvelinqangi nibe naningaphili waniphilisa wenza ukuba nife wabuye wanivusa bese nibuyela kuyena.
29. Nguyena (uMvelinqangi) owanidalela yonke into ekhona emhlabeni wasephendukela ezulwini walenza laba amazulu

ayisikhombisa wehla wazinza futhi nguyena onolwazi ngazo zonke izinto.

***Isigaba sesine (4)***

30. Yabe seyithi iNkosi yakho ezingilosini "ngizobeka umholi lapha emhlabeni" zathi, "uzobeka ozokwenza ukona kuwona futhi achithe igazi thina sibe sibabaza udumo lwakho futhi sikungcwelisa na?" yena (uMvelinqangi) wathi "eqinisweni ngazi lokhu eningakwazi".
31. Futhi yena wafundisa u-Adamu amagama ezinto zonke wayesewakhombisa izingelosi wayesethi "ngitsheleni amagama alezi zinto uma nineqiniso.
32. Zathi, "udumo lungolwakho" asinalo thina ulwazi ngaphandle kwalolo osifundise lona, ngempela nguwena owaziyo ohlakaniphile.
33. Wathi (uMvelinqangi) "Oh Adamu! Batshele amagama azo" kwathi lapho esebatshela amagama azo uMvelinqangi wathi "Anginitshelanga yini ukuthi ngempela mina ngiyakwazi okungabonwayo okusemazulwini nokusemhlabeni? Futhi ngiyakwazi lokho enikuvezayo nenikufihlayo?
34. Futhi khumbula ngenkathi sithi ezingelosini "khothamelani u-Adam" zakhothama ngaphandle kuka-Iblis (usathane) wala futhi waqhosha waba ngomunye wabaphika ukholo.
35. Thina sabe sesithi "Oh Adamu! Hlala esivandeni wena nenkosikazi wakho nidle izinto eziningi lapho nithanda khona kepha ningasondeli kulesisihlahla ngoba nizoba kanye nabenzi bokubi".
36. Usathane wabakhubekisa kulokho wabakhipha kulokho ababeyikho, sabe sesithi, "yehlelani phansi abanye benu bayizitha zabanye, Indawo yenu yokuhlala isemhlabeni ninikwe yona isikhashana".

37. U-Adam wathola amazwi avela eNkosini yakhe yase iyamthethelela, ngempela nguyena othethelelayo onomusa.
38. Sathi, "yehlelani phansi nisuke lapha nonke, uma kufika kunina ukuholwa okuvela kumina noma ngabe ngubani olandela ukuholwa kwami angeke kube khona ukwesaba kubona futhi angeke bakhathazeke".
39. Nalabo abangakholwa baphinde baqambe amanga baphike izimpawu zethu labo-ke bangabangane bomlilo bayohlala kuwona ingunaphakade.

***Isigaba sesihlanu (5)***

40. Oh Bantwana baka-Israyeli! Khumbulani ububele bami enganenzela bona bese nifeza isivumelwano sami ukuze ngifeze isivumelwano senu (nami) futhi nesabe mina (kuphela).
41. Futhi nikholelwe kulokho engakwehlisela phansi (izambulo) ukuqinisekisa lokho eninakho futhi ningabi abokuqala abangakholelwa kukona ningashintshi izambulo zami ngokunenzuzo encane (ngokuyize leze) futhi sabani mina.
42. Ningasithezi iqiniso ngamanga futhi ningalifihli iqiniso nibe nilazi.
43. Futhi yenzani umthandazo ninikele kwabampofu (zakaah) bese nikhothama kanye nalabo abakhothamayo (ekudumiseni uMvelinqangi).
44. Ngakube nitshela abantu ukuthi benze ukulunga bese nizikhohlwa nina nibe ningabafundi bencwadi ngakube aninawo yini umqondo na?
45. Futhi celani usizo ngokubekezela nangomthandazo ngempela lokho kunzima ngaphandle kwalabo abazithobayo.
46. Labo abacabanga (beqinisekile) ukuthi bona bayohlangana neNkosi yabo futhi yiyona abayophindela kuyo.

***Isigaba sesithupha (6)***

47. Oh Bantwana bakwa-Israyeli! Khumbulani ububele bami enganenzela bona nganikhetha ngaphezu kwabanye emihlabeni.
48. Futhi sabani usuku lapho umphefumulo ungeke usizwe omunye umphefumulo ngalutho nokuzincengela angeke kwamukelwe, angeke kuthathwe inhlawulo kuwo futhi angeke basizwe.
49. Futhi (khumbulani) ngesikhathi sinivikela kubantu bakaFaro benethwesa isijeziso esinzima bebulala amadodana enu beshiya abesifazane bephila futhi lokho kwangukulingwa kwenu okukhulu okuvela eNkosini yenu.
50. Futhi (khumbulani) sanihlukanisela ulwandle sanihlenga sabe sesiminzisa abantu bakaFaro kulapho nibhekile.
51. Futhi khumbulani ngesikhathi senza isethembiso noMozisi ubusuku obungamashumi amane emva kwakhe nasala nathatha ithole (nalikhonza laba yisithixo senu) naba ngabenzi bokubi.
52. Sabe sesiyanixolela emva kwalokho ukuze nikhombise ukubonga.
53. Futhi (khumbulani ngesikhathi) sinika uMose incwadi nokunehlukanisela ukuze niholwe.
54. Futhi (khumbulani) ngesikhathi uMose ethi kubantu bakhe, "Oh Bantu bami! Nenze okubi emiphefumulweni yenu ngokuthatha ithole (ukuba nilikhonze) ngakho-ke buyelani kumdali wenu ngentethelelo, nizibulale nina uqobo lokho kungcono kunina emehlweni omdali wenu wabe eseyanithethelela ngempela ungothethelelayo onesihawu".
55. Futhi (khumbulani) ngesikhathi nithi "Oh! Mose! Angeke sikukholwe ngaphandle kokuba sizibonele uMvelinqangi uqobo lwethu" nabe senithathwa umbani kulapho nibhekile.
56. Sabe sesiyanivusa emuva kokufa kwenu ukuze nibe nokubonga.

57. Sawenza amafu ukuba abeyithunzi phezu kwenu, sathumela kunina imana nezigwaca, yidlani ezintweni ezinhle esiniphe zona, abazange basone ngalutho kodwa bona imiphefumulo yabo.
58. Futhi khumbulani ukuthi sathi, ngenani kulelidolobha nidle okukulo noma ngabe yini ngendlela enithanda ngayo ningene esangweni niguqile ngokuzithoba nithi, "sithethelele" siyonithethelela izono zenu futhi siyobandisa abenzi bokuhle.
59. Kodwa labo ababengalungile baguqula inkulumo hayi leyo eyayishiwo kubona sabe sesehlisela kulabo abonayo isijeziso esivela ezulwini.

***<u>Isigaba sesikhombisa (7)</u>***

60. Futhi (khumbulani) ngesikhathi uMose ethandaza (ecelela) abantu bakhe amanzi sabe sesithi shaya idwala ngenduku yakho kwaqhuma imithombo eyishumi nambili kulona, bayazi bonke abantu indawo yabo yokuphuza, yidlani futhi niphuze kulokho enikwabelwe nguMvelinqangi ningenzi ukona nokuganga emhlabeni.
61. Futhi (khumbulani) ukuthi nathi "Oh! Mose! Angeke sikwazi ukumelana nohlobo lokudla olulodwa ngakho-ke sicelele eNkosini yakho ukuba isikhiphele lokho okumila emhlabathini (izitshalo) imifino yawo amakhukhumba awo, ogaliki bawo amalentisi awo no-anyanisi bawo, wathi (uMose), "nifuna ukushintshela kulokho okungeyilutho kunalokho okungcono na?" hambani niye kunoma iyiphi indawo (idolobha) okusempeleni niyothola konke enikufunayo, bathola ukudumala nokukhathazeka bazidonsela intukuthelo kaMvelinqangi, lokho yingoba babephika izimpawu zikaMvelinqangi futhi bebulala abaphrofethi ngokungemthetho kwakungenxa yokuthi babengahloniphi futhi bedukile.

**Isigaba sesishiyagalombili (8)**

62. Ngempela labo abakholwayo nalabo ababengamaJuda namaKrestu namaSabiya noma ngabe ngubani owakholelwa kuMvelinqangi nososukwini lokugcina wenza okuhle umvuzo wakhe useNkosini yakhe abayukwesaba futhi angeke bakhathazeke.
63. Futhi (khumbulani) ngesikathi senza isivumelwano nani (bantwana bakwa Israyeli) senza intaba iSinayi yaba umqongo ngaphezu kwenu kwathiwa thathani ngeqiniso lokho esaninika kona, nikhumbule okuqukethwe yiko ngaphakathi ukuze nibe ngabalungileyo.
64. Nabe seniyaphenduka (naphambuka) emuva kwalokho uma babungekho ububele buka-Mvelinqangi phezu kwenu nomusa wakhe naniyoba kanye nalabo abalahlekelweyo.
65. Futhi nivele niyabazi kahle labo kunina abephula (umthetho) weSabatha, futhi sathi kubona "yibani yizinkawu ezilahliweyo".
66. Sakwenza lokho kwaba yisijeziso kulabo ababekhona nasezizukulwaneni zabo futhi kuyisifundo kulabo abesaba (uMvelinqangi).
67. Futhi khumbulani ngesikhathi uMose ethi kubantu bakhe, "ngempela uMvelinqangi uniyalela ukuba nihlabe inkomo (umnikelo ngenkomo), bathi "ngakube usithathisa okweziwula na?" wathi, "Oh! Mvelinqangi! Ngicela isiphephelo (kuwena) ukuze ngingabi kanye nalabo abangazi lutho".
68. Bathi (abantwana bakwa-Israyeli) "tshena iNkosi yakho isicacisele ukuthi inkomoni leyo" wathi (uMose), "ngempela yena (uMvelinqangi) uthi kufanele kube yinkomo engeyindala futhi engeyincane mayibe phakathi kwalokho", yenzani lokho eniyalelwe ngakho.
69. Bathi, "sitshelele iNkosi yakho isicacisele ukuthi imubala njani na? Wathi (uMose) ngempela yena uthi "Iyinkomo encombo enombala ogqamile encomekayo kwabayibonayo".

70. Bathi sitshenele iNkosi yakho ukuthi isicacisele ukuthi iyini leyo (nkomo) futhi okusempeleni izinkomo ziyefana kuthina, futhi uma uMvelinqangi efisa sizoba ngabaholekayo.

71. Wathi ngempela yena uthi, "inkomazi engafundiselwanga ukulima umhlabathi, noma ukwenisela amasimu, engenasici engenawo amabala" bathi, "manje usufike neqiniso base beyihlaba (benikela) ngayo kepha babengasazimisele ukukwenza (lokho)".

***Isigaba sesishiyagalolunye (9)***

72. Futhi (khumbulani) ngesikhathi senibulele umuntu nase niphikisana ngalokho, uMvelinqangi ungumembuli walokho enikufihlileyo.

73. Ngakho-ke thina sathi "sishayeni (isidumbu) ngengxenye yaso, uMvelinqangi ubabuyisela kanjalo-ke ekuphileni abafileyo futhi unikhombisa izimpawu zakhe ukuze nibe ngabaqondayo.

74. Kusukela kulokho izinhliziyo zenu zaba lukhuni zaba njengamadwala futhi zaba ngaphezu kwalokho kepha kwamanye amadwala kwaqhuma imifula futhi amanye awo ahlukana futhi kwaphuma amanzi amanye awo awa phansi ngenxa yokwesaba uMvelinqangi, akusikhona ukuthi uMvelinqangi akakunakile lokho enikwenzayo.

75. Ngakube nina (abakholwayo) ninethemba ukuthi bazonikholwa kulapho kwakukhona iqembu phakathi kwabo elalilalela amazwi kaMvelinqangi bese bewashintsha ngokwabo emva kokuba sebewaqondile ukuthi athini, futhi kulapho bazi.

76. Futhi uma behlangana nalabo abakholwayo bathi "siyakholwa" kodwa uma behlangana bodwa bathi "ngakube niyakhuluma nabo ngalokho uMvelinqangi anembulele kona

ukuze baphikisane nani ngakho eNkosini yenu na? Ngakube aninawo yini umqondo na?.

77. Noma abazi yini ukuthi uMvelinqangi uyakwazi lokho abakufihlayo nalokho abakuveza obala na?
78. Kukhona phakathi kwabo abangakwazi ukufunda abangayazi incwadi (imibhalo) ngaphandle kwezifiso kepha bayazicabangela nje ngokwabo.
79. Oh! usizi! Kulabo ababhala incwadi ngezandla zabo futhi bese bethi "lokhu kuvela ku-Mvelinqangi ukuze benze inzuzo encane Oh usizi! Phezu kwabo ngalokho okubhalwe yizandla zabo futhi Oh! usizi! phezu kwabo ngalokho abakuzuzayo.
80. Futhi bathi "angeke usithinte umlilo ngaphandle kwezinsuku ezimbalwa" Ithi ngakube nenze isethembiso noMvelinqangi, akasoze wasephula isethembiso sakhe uMvelinqangi noma nisho ngoMvelinqangi lokho eningakwazi.
81. Yebo noma ngabe ngubani ozuza (owenza) ububi bese engena kusona isono sakhe, Labo-ke bangabangani bomlilo bayokuba kuwona ingunaphakade.
82. Futhi labo abakholwayo bese benza izenzo ezinhle, laba ngabangani besivande (basezulwini) lapho beyohlala khona ingunaphakade.

## ***Isigaba seshumi (10)***

83. Futhi khumbulani ngesikhathi senza isivumelwano nabantwana bakwa-Israyeli ukuthi ningakhonzi (lutho olunye) ngaphandle kokukhonza uMvelinqangi, futhi kubazali nenze okuhle nasezihlotsheni nasezintandaneni nakwabampofu, futhi nikhulume nabantu inkulumo enhle futhi nenze umthandazo ninikele kwabampofu (zakaah) nibe ngabaphendukela emuva ngaphandle kwabambalwa benu futhi nina naniqembukelane.

84. Futhi khumbulani ngesikhathi senza isivumelwano nani esithi ningalichithi igazi lenu omunye ngamunye ningayikhiphi imiphefumulo yenu emizini yenu nibe senikwazi (lokho) futhi naba ngofakazi.
85. Futhi nina uqobo lwenu naba yilabo ababulalana bodwa futhi nakhipha abanye benu emizini yabo nabahlula ngokwenza leso sono nazondana, uma beza kunina benithumba nibahlawule yize noma kungavumelekile lokho kunina, ngakube nikholelwa engxenyeni yemibhalo enye bese ningayikholwa na? Ngakube yini umvuzo walabo abakwenzayo lokho kunina na? Ngaphandle kokuhlambalazeka empilweni yakulomhlaba nangalolosuku lokuvuka kwabafileyo bayophindiselwa esijezisweni esinzima. Futhi akusikona ukuthi uMvelinqangi akakunakile lokho enikwenzayo.
86. Labo-ke bayilabo abathenga impilo yakulomhlaba (ngokushintshana) neyakwelizayo angeke bancishiselwe isijeziso futhi angeke bona basizwe.

***Isigaba seshumi nanye (11)***

87. Futhi ngempela samnika uMose incwadi (iThora) sabe sesiyilandelisa emva kwakhe ngezithunywa sanika uJesu indodana kaMariya izibonakaliso ezicacile sameseka ngomoya oyingcwele. Ngakube njalo uma nifikelwa yisithunywa (Oh! Bantwana bakwa-Israyeli) nalokho eningakufuni nabe seniyaqhosha abanye babo (abaphrofethi) anibakholelwa abanye babo niyababulala.
88. Futhi bathi "izinhliziyo zethu zimboziwe" kepha uMvelinqangi ubaqalekisile ngokungakholwa kwabo kepha kuncane lokho abakukholwayo.
89. Futhi kwathi lapho sebefikelwa yincwadi evela kuMvelinqangi igcwalisekisa lokho abanako futhi ngaphambilini babethandazela ukuba banqobe labo abangakholwa kwathi

lapho sebefikelwa yilokho abakwaziyo bangakholelwa yikho, ngakho-ke isiqalekiso sikaMvelinqangi siphezulu kwabangakholwa.

90. Ububi yilobo abakudayisele imiphefumulo yabo ukuthi bangakholelwa kulokho okwehliswe nguMvelinqangi ngesingabo akwehlisile uMvelinqangi ngobubele bakhe phezulu kwalowo amthandayo ezincekwini zakhe, futhi bazidonsela ulaka phezu kolaka, kwabangakholwa kunesijeziso esiyihlazo.

91. Futhi ngesikhathi kuthiwa kubona "kholwani kulokho akwembulile uMvelinqangi bathi "sikholwa yilokhu okwehliselwe kuthina futhi abakholelwa kulokho okweza ngemuva kwalokho futhi kube kuyiqiniso eliqinisekisa lokho ababenako ithi, "Kungani nanibulala abaphrofethi baMvelinqangi ngaphambilini uma ningabakholwayo?

92. Futhi ngempela uMose weza kunina nezibonakaliso ezicacile nabe senithatha ithole ukuba nilikhonze emva kwakhe (esehambile) naba ngabenzi bokubi.

93. Futhi khumbula ngesikhathi senza isivumelwano nani senza intaba yaqonga kunani, "bambelelani niqinise kulokho esiniphe kona nilalele" bathi "siyezwa kepha asilaleli" futhi lokho kwenziwe ukuthi izinhliziyo zabo zabe sezigxile (ekukhonzeni ithole) ngenxa yokungakholwa kwabo, ithi "ububi yilobo inkolo yenu eniphoqa ngakho uma ningamakholwa".

94. Ithi "uma kungukuthi ikhaya lokugcina noMvelinqangi kungelenu kuphela hayi abanye abantu fisani ukufa uma niqinisekile".

95. Futhi abasoze bakufisa (ukufa) ngenxa yalokho okwenziwe yizandla zabo futhi uMvelinqangi wazi kahle ngezoni.

96. Futhi ubathola beyigade kakhulu impilo ngaphezu kwalaba abakhonza abanye ngaphandle kuka-Mvelinqangi noma ngabe unikwa impilo iminyaka eyinkulungwane, uMvelinqangi uyakubona lokho abakwenzayo.

***Isigaba seshumi nambili (12)***

97. Yithi "lowo oyisitha sikaGabriyeli okuseqinisweni nguyena okuvezile lokho enhlizweni yakho ngentando kaMvelinqangi ukugcwalisela lokho (okwembulwa) ngaphambilini njengokuholwa nezindaba ezinhle kulabo abakholwayo.
98. Noma ngubani oyisitha sikaMvelinqangi, nezingelosi zakhe, nezithunywa zakhe, no-Gabriyeli no-Mikhayeli, ngakho-ke uMvelinqangi uyisitha sabangakholwayo.
99. Futhi thina sikuthumele imibiko ecacile futhi akekho oyiphikayo ngaphandle kwabayizoni.
100. Ngakube ngaso sonke isikhathi uma benza isivumelwano ingxenye yabo iyasichitha. Kepha iningi labo alinayo inkolo.
101. Futhi kwathi ngesikhathi sekufika kubona isithunywa esivela kuMvelinqangi sizogcwalisa lokho abanako ingxenye yalabo ababenikwe incwadi, incwadi ka-Mvelinqangi bayibeka ngemva kwemihlane yabo ungathi babengazi (ukuthi iquketheni).
102. Futhi belandela lokho okwakushiwo osathane embusweni kaSolomoni, futhi uSolomoni akazange abe ongakholwa kepha osathane ababengakholwa befundisa abantu umlingo futhi nalokho okwehlela ezingelosini ezimbili eBhabhiloni uHaruthi noMaruthi, futhi bona bobabili abamfundisanga umuntu baze (bathi bobabili) siyizilingo ngakho-ke musa ukungakholwa kepha bafunda kulaba bobabili lokho abenza ngakho umehluko phakathi kwendoda nonkosikazi futhi abazange baphathe kabi umuntu ngakho ngaphandle kwemvume kaMvelinqangi futhi befunda lokho okubalahlekiselayo futhi okungeyinzuzo kubona ngempela bazi ukuthi lowo owenza (umlingo) angeke abe nasabelo kwelizayo ububi yilobo abadayise ngakho imiphefumulo yabo ukube babazi.

103. Ukube babekholiwe futhi bemesaba uMvelinqangi umvuzo (wabo) ovela kuMvelinqangi wawuyobangcono ukube babazi.

***Isigaba seshumi nantathu (13)***

104. Oh Nina enikholwayo! Ningabosho (kumphrofethi ka-Mvelinqngi) ukuthi silalele kepha nithi "senze ukuba siqonde, nilalele futhi abangakholwa bayojesiswa kabuhlungu.
105. Labo abangakholwa phakathi kwabantu bencwadi noma abakhonza izithombe abafisi ukuthi ubuhle obuvela eNkosini yenu kwehliselwe kunina kodwa uMvelinqangi ukhetha lowo amthandayo ngomusa wakhe, futhi uMvelinqangi uyiNkosi enomusa omkhulu.
106. Akukho esikuchithayo emavesini kepha siletha angcono kunawo noma afana nawo ngakube awazi yini kuthi uMvelinqangi ungaphezu kwezinto zonke.
107. Anazi yini nina ukuthi uMvelinqangi okwakhe ngumbuso wamazulu nomhlaba nokuthi ngaphandle kukaMvelinqangi aninaye omunye umvikeli noma umsizi?
108. Noma nifisa ukufaka imibuzo esithunyweni senu njengoba uMose wabuzwa ngaphambilini, uthi noma ngabe ngubani othatha ukungakholwa esikhundleni sokukholwa yena ngempela uyilahlile indlela eqondile.
109. Abaningi abantu bencwadi bafisa sengathi banganiphindisela emumva ekungakholweni, emva kokuba senikholiwe ngenxa yomona wabo, emuva kweqiniso selibonakalisiwe lacaca kubona, ngakho-ke thethelelani ninganaki kuze kufike umyalelo kaMvelinqangi, ngempela uMvelinqangi unamandla ngaphezu kwakho konke.
110. Futhi yenzani umthandazo ninikele kwabampofu (izakaah) noma ngabe yini enhle eniyenzela imiphefumulo yenu niyoyithola kuMvelinqangi, ngempela uMvelinqangi lokho enikwenzayo uyakubona.

111. Futhi bathi akekho oyongena esivandeni (ezulwini) ngaphandle kongumJuda, noma ongumKristu lokho kuyizifiso zabo nje ithi "lethani ubufakazi benu uma nineqiniso".
112. Yebo, lowo ozithobayo ngaphansi kwentando kaMvelinqangi futhi engumenzi wokuhle umvuzo wakhe useNkosini yakhe futhi angeke kubekhona ukwesaba kubona futhi angeke baphatheke kabi.

***Isigaba seshumi nane (14)***

113. Futhi amaJuda athi amaKristu awanasisekelo (okuyiqiniso abami kukona) futhi namaKristu athi amaJuda awanasisekelo (okuyiqiniso abami kukona) kulesikhathi kepha bengabafundi bencwadi, ngokunjalo labo abangazi lutho basho okufana nalokho abakushoyo, uMvelinqangi uyobahlulela ngosuku lokuvuka kwabafileyo kulokhu ababephikisana ngakho.
114. Futhi ngubani ongalungile kakhulu kunalowo ovimba ukuba ezindaweni zikaMvelinqangi kudunyiswe khona igama lakhe nonenhloso yokucekela phansi, labo-ke akusikhona okwabo ukungena kubona ngaphandle kokwesaba, okwabo lapha emhlabeni yihlazo futhi okwabo kwelizayo yisijeziso esikhulu.
115. Futhi ingekaMvelinqangi impumalanga nentshonalanga ngakho-ke noma yikuphi lapho niphendukela khona kunobuso bukaMvelinqangi, ngempela uMvelinqangi ungamele konke uyazi.
116. Futhi bathi uMvelinqangi uzithathele (uzizalele) indodana, makangcweliswe kepha konke okusemazulwini nasemhlabeni, konke kuthobela intando yakhe.
117. Ungumsunguli wamazulu kanye nomhlaba, futhi uma enquma udaba uma ethi kulona "yenzeka" bese luyenzeka.
118. Futhi labo abangenalo ulwazi bathi "kungani uMvelinqangi engakhulumi kuthina noma kufike kuthina izimpawu na? Ngokunjalo bathi ababengaphambilini kwabo babesho

inkulumo efana nalena, izinhliziyo zabo ziyefana kepha siwenze acaca amavesi kulabo abaqinisekile.

119. Ngempela sikuthumele ngeqiniso (mphrofethi) njengomlethi wezindaba ezimnandi nomexwayisi futhi angeke ubuzwe ngeqembu lomlilo wesihogo.

120. Futhi amaJuda namaKristu awasoze athokoza ngawe ngaphandle kokuba ulandele inkolo yabo ithi "ngempela ukuholwa nguMvelinqangi yikona kuholwa", uma ungase ulandele izifiso zabo ngemva kolwazi oselufikile kuwena angeke ube nomvikeli noma umsizi ovela kuMvelinqangi.

121. Labo esabanika incwadi bayifunda ngeqiniso elikuyona labo-ke bayakholelwa kuyona, futhi labo abangakholelwa kuyona labo-ke yibona abalahlekelweyo.

***Isigaba seshumi nanhlanu (15)***

122. Oh! Bantwana bakwa-Israyeli! Khumbulani ububele bami enganenzela bona nganikhetha ukwedlula (izizwe zonke) emihlabeni.

123. Futhi sabani usuku umphefumulo ungeke wasiza omunye umphefumulo ngalutho, isinxephezelo angeke samukelwa kuwo ngisho nokuwuncengela angeke kwawusiza ngalutho futhi angeke basizwe.

124. Futhi khumbula ngesikhathi u-Abrahamu elingwa yiNkosi yakhe ngamagama wawagcina wathi (uMvelinqangi) "ngempela ngizokubeka ukuba ube ngumholi wabantu wathi (u-Abrahamu), " nenzalo yami na?" Wathi (uMvelinqangi) "isivumelwano sami angeke sifinyelele kubenzi bobubi."

125. Futhi khumbula ngesikhathi sakha indlu (ika'aba) indawo yokuhlanganela abantu nephephile futhi thathani indawo ka-Abrahamu yokuma njengendawo yokwenza umthandazo, futhi senza isivumelwano no-Abrahamu no-Ishmayeli esithi "hlanzelani indlu yami labo abayizungelezayo (tawafu) nalabo

abahlala (kuyona) ukuze badumise uMvelinqangi futhi nabakhothamayo bewa ngobuso (bethandaza).

126. Futhi khumbula ngesikhathi u-Abrahamu ethi "Nkosi yami enza lendawo ibe yindawo ephephile futhi wondle abantu bayo ngezithelo noma ngabe ngubani okholelwa kuMvelinqangi nasosukwini lokugcina wathi (uMvelinqangi), "noma ngabe ubani ongakholwa ngizomnika injabulo yesikhashana bese ngimdudulela ekujezisweni komlilo futhi sibi leso siphetho".

127. Khumbula ngesikhathi u-Abrahamu no-Ishmayeli bephakamisa izinsika zendlu (bethi) Nkosi yethu yemukela kuthina (lomsebenzi) ngempela wena ungozwayo owaziyo.

128. Nkosi yethu senze sobabili sibe ngabathobela intando yakho nenzalo yethu ibe yisizwe esizithobile ngaphansi kwentando yakho futhi sibonise izindlela zethu zokukhonza ngempela wena ungothethelelayo onesihawu.

129. Nkosi yethu thumela phakathi kwabo isithunywa sibafundele amavesi akho futhi sibafundise incwadi (imibhalo) nokuhlakanipha futhi sibahlanze ngempela nguwena ophakekeme onamandla.

## *Isigaba seshumi nesithupha (16)*

130. Futhi ngubani ozonda inkolo ka-Abrahamu ngaphandle kwalowo ozenza isiwula ngempela simkhethile kulomhlaba, futhi ngempela kwelizayo uyokuba kanye nabenzi bokuhle (abalungileyo).

131. Khumbula ngesikhathi iNkosi yakhe ithi kuyena "zinikele" wathi "ngizinikele eNkosini yemihlaba".

132. Futhi no-Abrahamu wawatshela lokho amadodana akhe futhi noJakobe Oh! madodana ami! Ngempela uMvelinqangi unikhethele lenkolo, ngakho-ke ningafi ngaphandle kokuba nibe ngabazinikeleyo ngaphansi kwentando yakhe.

133. Noma naningofakazi ngesikhathi ukufa kuhlasela uJakobe ngesikhathi ethi kumadodana akhe "niyokhonza bani emva kwami (emva kokufa kwami) na?" Athi "siyokhonza uNkulunkulu wakho noNkulunkulu woyihlo ka-Abrahamu noka-Ishmayeli noka-Isaka uNkulunkulu oyedwa futhi kuyena sizithobile.

134. Labo-ke yisizwe sasendulo okwaso yilokho esakuvuna (esakuzuza) nani niyoba nalokho enikuzuzile futhi angeke nibuzwe ngalokho ababekwenza.

135. Futhi bathi "yibani amaJuda noma amaKristu niyoholwa kepha inkolo ka-Abrahamu iqotho futhi wayengesiyena omunye wabakhonza izithombe".

136. Bathi "siyakholwa kuMvelinqangi nakulokho okwehliselwe kuthina, futhi nakulokho okwehliselwa ku-Abrahamu naku-Ishmayeli naku-Isaka nakuJakobe nasezizweni, futhi nalokho okwanikwa uMose noJesu nalokho okwanikwa abaphrofethi okuvela eNkosini yabo. Asibandlululi (umphrofethi) ngisho noyedwa phakathi kwabo futhi singabazinikele kuye (uMvelinqangi).

137. Ngakho-ke uma bekholwa ngokufanayo nalokho enikholelwa kukona bangabaholiweyo, kepha uma befulathela (imibiko) badala uqhekeko uMvelinqangi uyananela uma nibhekene nabo futhi ungozwayo onolowazi.

138. (Ithi okwethu) inkolo kaMvelinqangi futhi ubani ongcono kunoMvelinqangi ngenkolo futhi siyizikhonzi zakhe.

139. Ithi "ngakube niphikisana nathi ngoMvelinqangi kulapho eyiNkosi yethu futhi eyiNkosi yenu, okwethu yimisebenzi yethu futhi nokwenu yimisebenzi yenu, futhi sizinikele ngokuqotho kuyena.

140. Noma nithi "u-Abrahamu no-Ishmayeli no-Isak noJakobe nezizwe babengamaJuda noma amaKristu na?" Ithi "ngakube yinina enazi kangcono noma uMvelinqangi na?" futhi ubani ongalungile kakhulu kunalowo ofihla ubufakazi obukuye

abuthole kuMvelinqangi? Futhi akusho ukuthi uMvelinqangi akakunakile enikwenzayo.

141. Labo-ke yisizwe sasendulo futhi okwabo yilokho abakuzuza, futhi okwenu yilokho enikuzuzile, futhi angeke nibuzwe ngalokho ababekwenza.

## *Isigaba seshumi nesikhombisa (17)*

142 Iziwula phakathi kwabantu ziyothi, "yini eyenza ukuba bafulathele iQibla ababekade beyijwayele na? Ithi, "IngekaMvelinqangi impumalanga nentshonalanga uholela lowo amthandayo endleleni eqondile".

143. Futhi ngokunjalo sinenze naba yisizwe esiphakathi nendawo ukuze nibe ngofakazi kubantu nokuthi isithunywa sibe ngufakazi kunina. Futhi Asiyimisanga leyo Qibla ebikade nijwayele ukuyisebenzisa ngaphandle kokuba sazi lowo olandela isithunywa kulowo ophendule izithende zakhe zabheka emuva. Futhi ngempela kunzima ngaphandle kwalabo abaholwe nguMvelinqangi. Futhi akusiyena uMvelinqangi onenze nalahla ukholo lwenu, ngempela uMvelinqangi kubantu unozwelo unesihawu.

144. Ngemela sibone ubuso bakho bubheke eZulwini, sizokwenza ukuba uphendukele kule Qibla ozoyithanda. Ngakho-ke phendula ubuso bakho bubheke eMasjidil Haraam noma yikuphi lapho (abakholwayo) bekhona phendulani ubuso benu bubheke khona (uma nithandaza) ngempela labo abanikwe incwadi, ukuze bazi ukuthi iyiqiniso elivela eNkosini yabo. Futhi akusikona ukuthi uMvelinqangi akakunakile lokho abakwenzayo.

145. Futhi noma ngabe ulethe kulabo abanikwa incwadi zonke izibonakaliso angeke bayilandele iQibla yakho futhi nawe angeke wayilandela iQibla yabo. Futhi abanye babo angeke bayilandela iQibla yabanye, futhi noma ngabe ulandela izifiso

zabo emuva kokuba sewufikelwe wulwazi ngempela uzoba ngomunye wabenzi bokubi (abedukileyo).

146. Labo esabanika incwadi bayamazi (uMuhammad) njengoba bazi amadodana abo, kepha iqenjana kubona liyalifihla iqiniso kulapho belazi.

147. Iqiniso livela eNkosini yakho ngakho-ke ungabi kanye nabangabazayo.

***Isigaba seshumi nesishiyagalombili (18)***

148. Kunoma ubani (umlandeli wenkolo) kunendawo okumele kubhekwe kuyo (uma kuthandazwa) ngakho-ke ncintisanani ngokuhle. Noma ngabe nikuphi uMvelinqangi uyonihlanganisa ndawonye. Ngempela uMvelinqangi unamandla ngaphezulu kwazo zonke izinto.

149. Futhi noma ngabe iyiphi (indawo) lapho niya khona (ukuyothandaza), phendula ubuso bakho bubheke eMasjid Al-Haraam. Ngempela lona iqiniso livela eNkosini yakho, futhi akusho ukuthi uMvelinqangi akakunakile enikwenzayo.

150. Noma ngabe iyiphi (indawo) lapho uya khona (ukuyothandaza) phendulani ubuso benu bubheke eMajid Al-Haraam noma yikuphi lapho nikhona phendulani ubuso benu bubheke kuyona ukuze abantu bangaphikisani nani ngaphandle kwalabo abenza ububi ngakho-ke ningabesabi kepha nesabe mina ukuze ngiqedelele umusa wami phezu kwenu hleze niholeke (ngokuyiqiniso).

151. Njengoba sathumela phakathi kwenu isithunywa esivela kunina esinifundela amavesi ethu sinihlanze futhi sinifundise incwadi nobuhlakani futhi sinifundise lokho enaningakwaziyo.

152. Ngakho-ke ngikhumbuleni nami ngizonikhumbula futhi ngibongeni ningangiphiki (ukholo lwami).

***Isigaba seshumi nesishiyagalolunye (19)***

153. Oh! Nina enikholwayo celani usizo ngokubekezela nangomthandazo ngempela uMvelinqangi ukanye nababekezelayo.
154. Futhi ningasho ukuthi ababulawe besendleleni kaMvelinqangi bangabafile. Kepha bayaphila kodwa anikuboni lokho.
155. Futhi ngempela siyonilinga ngokuthize okungukwesaba nendlala nokulahlekelwa yingcebo nemiphefumulo nezithelo. Futhi yisho izindaba ezimnandi kulabo ababekezelayo.
156. Labo okuthi uma bevelelwa okubi bathi, "Ngempela singabaka Mvelinqangi futhi siyophindela kuyena".
157. Labo-ke yilabo phezu kwabo okuyakuba nezibusiso ezivela eNkosini yabo nomusa, futhi yilabo abaholeke (ngokuyikho).
158. Ngempela iSafa neMarwa (yizintaba ezise Makkah) ezinye zezimpawu zikaMvelinqangi. Noma ngabe ubani owenza iHajj endlini (Makkah) noma enze i-Umra alikho icala kuyena uma ejikeleza phakathi kwazo (izintaba) zombili. Futhi noma ngabe ubani ozikhethela okungcono ngempela uMvelinqangi ungobongayo owaziyo.
159. Ngempela laba abafihla lokho esikwehlisile okungubufakazi obucacisiwe nokuhola ngemuva kokuba sesikwenzile kwacaca kubantu encwadini, yilabo-ke abaqalekiswa nguMvelinqangi futhi baqalekiswe ngabaqalekisi (abantu nezingelosi).
160. Ngaphandle kwalabo abacela intethelelo bese bezilungisa bona futhi benze ubufakazi (balokho ababekufihla) labo-ke ngiyobathethelela. Futhi mina ngiyathethelela nginesihawu.
161. Ngempela labo abangakholwa futhi abafe bengakholwa, Labo-ke phezu kwabo yisiqalekiso sikaMvelinqangi nesezingelosi nesabo bonke abantu.
162. Bayokuba lapho ingunaphakade angeke bancishiselwe isijeziso futhi angeke banikwe ithuba.

163. Futhi uMvelinqangi wenu uMvelinqangi oyedwa vo akekho onokukhonzwa ngaphandle kwakhe unomusa, unesihawu.

***Isigaba samashumi amabili (20)***

164. Eqinisweni ekudalweni kwamazulu nomhlaba nokuguqulwa kobusuku nemini, nemikhumbi entanta olwandle ithwele lokho okuwusizo kubantu namanzi (imvula) uMvelinqangi ayehlisela phansi ivela esibhakabhakeni avusa ngayo umhlaba emumva kokufa kwawo nezidalwa ezinyakazayo eziyinhlobonhlobo wasakaza khona izivunguvungu zemimoya namafu aphakathi kwesibhakabhaka nomhlaba, ngempela (yizimpawu nobufakazi) kubantu abasebenzisa umqondo.
165. Futhi phakathi kwabantu kunalabo abathatha abanye ngaphandle kukaMvelinqangi (babalinganise naye) babathanda ngendlela okufanele bathande ngayo uMvelinqangi. Kepha labo abakholwayo bagcwele uthando lukaMvelinqangi futhi ukuba bayabona labo abonile bebezonaka uma bebona isijeziso, ukuthi wonke amandla angakaMvelinqangi futhi uMvelinqangi unzima ekujeziseni.
166. Khumbula ngesikhathi labo ababelandelwa (ngabantu) belahla abalandeli babo futhi, besibona isijeziso futhi kuyonqanyulwa kubona ubuhlobo.
167. Futhi labo ababengabalandeli bayothi, "Ukuba besinelinye ithuba besiyozihlangula kubona njengoba nabo bezihlangulile kuthina", ngokunjalo uMvelinqangi uyobakhombisa imisebenzi yabo njengoba bezisola ngayo futhi angeke baphume emlilweni.

***Isigaba samashumi amabili nanye (21)***

168. Oh Bantu! Yidlani noma yini esemhlabeni esemthethweni enhle futhi ningalandeli izinyathelo zikasathane, ngempela uyisitha senu esigqamile.
169. Ngempela uniphoqela ebubini, nokwenza okuyisono nokuthi nikhulume ngoMvelinqangi lokho eningakwazi.
170. Futhi uma kuthiwa kubona landelani lokho uMvelinqangi akuvezile bathi "Kepha silandela lokho esafica obaba bekulandela", isho kubona ukuthi "kanti nizolandela obaba benu" ngisho obaba babo babengazi lutho futhi bengaholwanga.
171. Futhi isibonelo salabo abangakholwa sinjengesibonelo salowo omemeza kulokho okungezwa lutho ngaphandle kokumemeza nokukhala, izithuli, izimungulu, izimpumputhe, abanakho ubuhlakani.
172. Oh Nina enikholwayo! Yidlani ezintweni ezinhle (ezisemthethweni) esinabele zona, futhi nibonge uMvelinqangi uma kunguyena enimkhonzayo.
173. Ngempela uninqabele ukudla izilwane ezizifeleyo, negazi nenyama yengulube, futhi nalokho okukhulekelwe ngelinye igama ngaphandle kwelika Mvelinqangi, noma ngabe ubani ophoqwa (yisidingo) ngaphandle kokufisa ukungahloniphi ngokungeyinhloso asikho isono kuyena, ngempela uMvelinqangi uyathethelela unesihawu.
174. Labo abafihla lokho uMvelinqangi akwehlisile okusencwadini futhi bakuthengise ngenani eliphansi, labo-ke abadli lutho ezwisini zabo ngaphandle komlilo. Futhi uMvelinqangi angeke akhulume nabo ngosuku lokuvuka kwabafileyo noma abahlanze, futhi okwabo yisijeziso esibuhlungu.
175. Labo-ke yilabo abashintsha ukuholwa ngalokho okuyiphutha kanye nesijeziso esikhundleni sentethelelo (banesibindi esingakanani) ukumelana nomlilo?

176. Lokho yingoba uMvelinqangi wehlise incwadi ngeqiniso. Futhi ngempela labo abaphikisanayo basekuqembukelaneni okukude le!

***Isigaba samashumi amabili nambili (22)***

177. Akusikhona ukulunga ukuphendula ubuso benu (bubheke) eMpumalanga naseNtshonalanga, kodwa ukulunga yilowo okholwa kuMvelinqangi futhi nasosukwini lokugcina nasezingelosini nasencwadini nakubaPhrofethi. Futhi aphane ngengcebo noma ngabe uyithanda kangakanani ezihlotsheni, nasezintandaneni, nakwabaswele, nesesihambini (esicela usizo) nabacelayo nokukhulula izigqila, futhi enze umthandazo, anikele kwabampofu (izakaah) futhi bagcwalise isithembiso uma bethembisile futhi babekezele ukuhlupheka nobunzima ngesikhathi sempi. Labo-ke yilabo abaneqiniso futhi bona bangabenzi bokuhle.
178. Oh nina enikholwayo! nilotshelwe umthetho wokuphindisela uma kukhona obulewe okhululekile ngokhululekile, nesigqila ngesigqila nesifazane ngesifazane. Kepha uma umbulali exolelwa ngumfowabo (noma yizihlobo), zobulewe ofuna okuthize njengesinxephezelo makanxephezelwe ngokuyikho. Lokho nje kuyisixegiso esivela eNkosini yenu nomusa, lowo-ke ophambukayo emuva kwalokho okwakhe yisijeziso esibuhlungu.
179. Futhi kukhona impilo kunina emthethweni wokuphindisela. Oh Nina Bantu! Abaqondayo ukuze ningaba abalungileyo.
180. Kulotshiwe kunina ukuthi uma omunye wenu efikelwa ukufa, uma eshiye ingcebo ukwaba ifa kubazali nesezihlotsheni (makwenziwe) ngendlela eyamukelekile. Lokhu kungumthwalo kulabo abalungileyo.

181. Ngakho-ke lowo oshintsha lokho emva kokuba esekuzwile, ngempela isono sakhe siphezulu kwalabo abakushintshayo. Ngempela uMvelinqangi ungozwayo owaziyo.
182. Kepha uma omunye esaba ukuthi lowo ongumabi (angase anze) ukungabi nobulungiswa noma isono lungisa lokho phakathi kwabo (labo abathintekayo) akunasono phezulu kwakhe. Ngempela uMvelinqangi ungumthetheleli unomusa.

***Isigaba samashumi amabili nantathu (23)***

183. Oh Nina enikholwayo! Kulotshiwe kunina ukuzila njengoba kwakulotshiwe kulabo ababengaphambilini kwenu ukuthi ningaba abalungileyo.
184. (Zilani) Izinsuku ezinqunyiwe uma kukhona kunina ogulayo noma osohambweni ngakho-ke isibalo esilinganayo sezinsuku (kufanele sigcwaliswe) kulabo abaphumelelayo (ukuzila kepha kunobunzima) mabakhokhe ngokondla odingayo. Ngakho-ke lowo owenza okuhle kusuka othandweni lakhe kungcono kuyena, kepha ukuzila kungcono kunina ukuba benazi.
185. Inyanga kaRamadhani iyona okwehliswa ngayo iQur'an engumholi kubantu nobufakazi obucacile noma ngabe ubani obona (inyanga entsha) makazile kuyona noma ngabe ubani ogulayo noma esohambweni makazile isibalo esifanayo ezinsukwini ezizayo. UMvelinqangi unifisela okulula akanifiseli okunzima nokuthi niqedele leso sikhathi sokudumisa, uMvelinqangi kulokhu anihole ngakho ukuzthi ningaba nokubonga.
186. Futhi uma zikubuza izikhonzi zami ngami ngempela ngiseduzane ngiphendula isicelo salowo ongicelayo. Ngakho-ke mabaphendule kumina futhi bakholelwe kumina, ukuze baholeke (ngokuyikho).
187. Nenzelwe kwaba yimvume ubusuku (enyangeni okuzilwa ngayo) ukuya kwabesifazane benu (ukuhlangana

namakhosikazi enu) wona bayizingubo zenu nani niyizingubo zawo. Umvelinqangiuyazi ukuthi nanizikhohlisa nina uqobo lwenu waphendukela kunina ngentethelelo wabe eseyanithethelela manje seningahlangana nabo nifune lokho uMvelinqangi animisele kona (ukwenza ucansi) nidle futhi niphuze kuze kunehlukanisele ukuvela komudwa omhlophe (wokuntwela kokusa) kudede ubunyama ngakho-ke qedelelani, ukuzila kuze kube sebusuku (ukushona kwelanga) futhi ningahlangani nabo inqobo nje uma nihlezi nidumisa (uMvelinqangi) eMasjid lezo yizinqumo zikaMvelinqangi ningasondelani nazo ngokunjalo uwacacisile uMvelinqangi amavesi akhe kubantu ukuthi bangaba ngabalungileyo.

188. Futhi ningasaphazi impahla yenu ngeze, futhiningagwazeli abahluleli ukuze nizuze ngokungesilo iqiniso nazi.

189. Bakubuza mayelana nokuthwasa kwezinyanga, Yithi, "leyo yimikhawulo ekhombisa izikathi zonyaka kubantu neze Hajj", akulungile ukungena ezindlini ngemumva kodwa ukulunga ukusaba uAllah, ngakho-ke ngenani ezindlini ngeminyango yazo efanele futhi nesabe uAllah ukuze niphumelele.

190. Futhi yilwani endleleni kaMvelinqangi nalabo abanilwisayo futhi ningephuli umthetho. Ngempela uMvelinqangi akabathandi abephula umthetho.

191. Futhi nibabulale noma yikuphi lapho nibafica khona nibaxoshe lapho benixosha khona, futhi ingcindezelo ingaphezulu kokubulala, futhi ningalwi nabo eMasjid Haraam baze banilwise nina, ngakho-ke uma belwa nani khona babulaleni. Unjalo-ke umvuzo wabangakholwayo.

192. Kepha uma bepheza ngempela uMvelinqangi uyathethelela unomusa.

193. Futhi nibalwise kuze kuphela (ukuhlushwa) kuze kusale inkolo kaMvelinqangi, kepha uma bepheza abungabibikho ubutha ngaphandle (kokuphikisa) abenzi bokubi.

194. (Ukulwa) enyangeni engcwele (okwalabo abenza obubi) enyangeni engcwele. Kunezinto ezingafanele (ukuba zenziwe). Kunomthetho wokuphindisela ngokulinganayo (yiQisas) noma ngabe ubani owenza okubi kunina nani enzani okubi kuyena ngokufanayo nalokhu akwenze kunina bese nesabe uMvelinqangi futhi nazi ukuthi uMvelinqangi ukanye nabamesabayo.
195. Futhi ninikele endleleni kaMvelinqangi ningaziphonsi (nina uqobo lwenu) ngezandla zenu ekubhujisweni futhi nenze okuhle. Ngempela uMvelinqangi uyabathanda abenzi bokuhle.
196. Futhi nifeze iHajj neUmrah eqondene noMvelinqangi kodwa uma nivimbelekile (ekufezeni lokho) ninikele ngalokho okulula ukukuthola okuwumnikelo wesilwane okungowokunikela ngezilwane futhi ningaphuci amakhanda enu kuze kube umnikelo wesilwane ufike endaweni lapho kunikelwa khona (endaweni yokuhlaba umnikelo). Kepha noma ngabe ubani kunina ogulayo noma izintwala ekhanda inhlawulo ukuzila (izinsuku ezintathu) noma anikele noma ninikele ngesilwane (igusha noma imbuzi) kepha uma senihlengekile noma ngabe ubani ofuna ukwenza i-Umrah (ngezinyanga zeHajj) ilandelwa yiHajj kufanele enze umnikelo okulula ukuba awenze. Kepha lowo okungelula ukuba awuthola kufanele azile izinsuku ezintathu ekwi Hajj neziyisikhombisa uma senibuyele (emakhaya enu). Lezo (izinsuku) eziyishumi eziphelele, lokhu okwalowo osuke umndeni wakhe ungekho eMasjid Al-Haraam futhi nesabe uMvelinqangi futhi nazi ukuthi uMvelinqangi unzima ekujeziseni.

***Isigaba samashumi amabili nanhlanu (25)***

197. IHajj ingezinyanga ezaziwayo ngakho-ke noma ngabe ubani oziphoqelele kuzona (ukwenza) i-Hajj makungabibikho

ukuhlangana phakathi kowesilisa nowesifazane nokwenza okubi futhi makungabibikho impikiswano ngesikhathi seHajj noma ngabe yini eniyenzayo enhle uMvelinqangi uyayazi, zihlinzekeni kepha ukuzihlinzeka okungcono ukwesaba uMvelinqangi futhi nesabe mina, Oh Nina eniqondayo!

198. Akusilona icala phezulu kwenu uma nizicelela izipho ezivela eNkosini yenu (ngesikhathi se-Hajj ukwenza ibhizinisi), kepha uma senivela e-Arafat khumbulani uMvelinqangi (ngokumdumisa) eMash-ar-Al-Haraam futhi nimkhumbule njengoba anihola ngaphambili kwalokho beniphakathi kwabadukileyo.

199. Bese nihamba nilibhekise lapho abantu belibhekisa ngakhona nicele intethelelo kaMvelinqangi. Ngempela uMvelinqangi ungothethelelayo unesihawu.

200. Futhi uma seniwenzile amasiko enu (okwenza iHajj) nikhumbule uMvelinqangi njengalokhu nikhumbula obaba benu noma ngenkumbulo enkulu kunalokho. Ebantwini kukhona abathi "Oh Nkosi yethu" sabele kulomhlaba futhi akayikuba nangxenye kwelizayo.

201. Futhi kubona kukhona othi "Nkosi yethu siphe kulomhlaba okuhle nakwelizayo okuhle futhi usivikele ekujezisweni komlilo".

202. Labo-ke okwabo ingxenye yalokho abakuvunile futhi uMvelinqangi ungosheshayo ekubaleni (ekwahlululeleni).

203. Futhi nikhumbule uMvelinqangi kulezozinsuku ezinqunyiwe, ngakho-ke lowo ofuna ukuhamba ezinsukwini ezimbili asikho isono kuyena. Futhi lowo olibalayo asikho isono kuyena, kulowo oweasaba uMvelinqangi, nesabe uMvelinqangi futhi nazi ukuthi nina niyoqoqeleka kuyena.

204. Futhi phakathi kwabantu kukhona lowo ekujabulisayo inkulumo yakhe ngempilo yasemhlabeni futhi (ebiza) uMvelinqangi ukuba afakaze ngalokhu okusenhliziyweni yakhe. Kanti uyisitha esikhulu ngaphezulu kwabhekene nabo.

205. Futhi uma echezuka endleleni ezama emhlabeni ukuthi enze ukukhwabanisa kuwona nokubhubhisa izitshalo kanye nemfuyo futhi uMvelinqangi akakuthandi ukukhwabanisa.
206. Futhi uma kuthiwa kuyena, "Saba uMvelinqangi" wabe esezigqaja ngalokho esonweni umanele yena umlilo wesihogo ngempela yimbi (leyo) ndawo yokuphumula.
207. Futhi phakathi kwabantu kukhona ozidayisa yena ukuze azuze injabulo kaMvelinqangi, futhi uMvelinqangi ulungile ezincekwini (zakhe).
208. Oh nina enikholwayo! Ngenani ekuzithobeni ngaphansi kwentando kaMvelinqangi ngokuphelele futhi ningalandeli izinyathelo zikasathane, ngempela yena uyisitha senu esisobala.
209. Kepha uma nihlehlela ngemuva kokuba ubufakazi obucacile sebufikile kunina ngakho-ke yazini ukuthi uMvelinqangi uphakeme ngamandla unobuhlakani.
210. Ngakube balindele ngaphandle kokuba uMvelinqangi eze kubona ngezithunzi zamafu nezingelosi, futhi udaba selunqunyiwe futhi zibuyela kuMvelinqangi (zonke) izinqumo.

***Isigaba samashumi amabili nesithupha (26)***

211. Buzani abantwana bakwa-Israyeli (ukuthi) zingaki izimpawu zobufakazi obucacile esabanika zona. Futhi noma ngabe ubani oshintsha ububele bukaMvelinqangi emva kokuba sebufikile kuyena. Ngakhoke ngempela uMvelinqangi unzima ekujeziseni.
212. Yenziwe yaba yinhle kulabo abangakholwa impilo yakulomhlaba futhi benza inhlekisa ngalabo abakholwayo, futhi nalabo abesaba uMvelinqangi bayokuba ngaphezulu kwabo ngosuku lokuvuka kwabafileyo, futhi uMvelinqangi wabela lowo amthandayo ngaphandle kokubala.

213. Abantu babeyisizwe esisodwa ngakho-ke uMvelinqangi wathumela abaphrofethi njengabalethi bezindaba ezimnandi nabaxwayisi, wehlisela phansi kubona incwadi ngeqiniso ukuze yahlulele phakathi kwabantu kulokho ababehlukene (ababephikisene) ngako, futhi akekho owayehlukile kukona ngaphandle kwalabo ababenikwe (imibhalo) emva kokuba sebefikelwe ubufakazi obucacile ngenxa yenzondo nomona phakathi kwabo. UMvelinqangi wabaholela (eqinisweni) labo abakholwayo mayelana nalokho ababehlukene ngakho ngentando yakhe. Futhi uMvelinqangi uholela lowo amthandayo endleleni eqondile.

214. Noma nicabanga ukuthi niyongena esivandeni yize noma kungazange kuze kunina okunjengalokho okweza kulabo asebadlula ngaphambilini kwenu, babevelelwa ukuhlupheka nobunzima, bezanyazanyiswa saze sathi isithunywa nalabo ababekholwa ababekanye naso (luyofika) nini usizo lukaMvelinqangi na? Ngempela usizo lukaMvelinqangi seluseduzane.

215. Bakubuza ngokufanele bakuchithe ithi "Noma ngabe yini enhle eniyichithayo yabazali, nezihlobo, nezintandane, nabadingayo, nesihambi (esidinga usizo). Futhi noma ngabe yini eniyenzayo enhle ngempela uMvelinqangi uyazi ngayo.

216. Kulotshiwe kunina ukulwa noma kungathandeki kunina. Futhi kungase kwenzeke ukuthi ningakuthandi okuthize kanti kuyinto enhle kunina futhi kungase kwenzeke ukuthi niyakuthanda okuthize kanti kuyinto enobubi kunina. Futhi uMvelinqangi uyazi kanti nina anazi.

***Isigaba samashumi amabili nesikhombisa (27)***

217. Bakubuza mayelana nokulwa enyangeni engcwele ithi "ukulwa kuyona (kuyiphutha elikhulu) kodwa nokuvimbela (abantu) endleleni kaMvelinqangi nokungakholelwa kuyena

(nokuvimbela abantu ukuthi baye) naseMasjid Al-Haraam nokuxosha abantu bayo kukhona (iphutha) elikhulu emehlweni kaMvelinqangi futhi ukungakholwa kungaphezulu kokubulala futhi bazoqhubeka nokulwa nani kuze kube yilapho beniphindisela emumva baniyekise inkolo yenu uma bekwazile. Futhi noma ngabe ubani kunina oyeka inkolo yakhe bese efa engakholwa labo-ke imisebenzi yabo ayilutho kulomhlaba nakwelizayo futhi labo-ke bangabanqwamani nomlilo bona bayohlala kuwo ingunaphakade.

218. Ngempela labo abakholwayo nalabo abahambayo (besuka endaweni beya kwenye indawo) nabalwa endleleni kaMvelinqangi labo-ke balindele umusa kaMvelinqangi. Futhi uMvelinqangi ungumthetheleli unesihawu.

219. Bakubuza ngophuzo oludakayo nokubheja ithi "kukona kokubili yisono esikhulu futhi isono sako kokubili sikhulu ngaphezu kwenzuzo yako kokubili, futhi bakubuza ukuthi kufanele bachitheni ithi, "Okuseleyo" kanjalo-ke uMvelinqangi unicacisela kanjalo amavesi mhlawumbe ningaba nemicabango.

220. Kulomhlaba nakwelizayo futhi bakubuza ngezintandane ithi, "ukubasiza kungcono kepha uma nizihlanganisa nabo mayelana nesimo sabo bangabafowenu futhi uMvelinqangi uyamazi umenzi wobubi kulowo owenza okuhle, ukube uMvelinqangi ubethanda ubenganifaka ebunzimeni. Ngempela uMvelinqangi uphakeme ngamandla unobuhlakani.

221. Futhi ningashadi nabesifazane abakhonza abanye noma okunye ngaphandle kukaMvelinqangi kuze kube bayakholwa futhi ngempela isigqila sowesifazane okholwayo singcono kunowesifazane okhonza abanye noma okunye ngaphandle kukaMvelinqangi noma ngabe eniheha kanjani (owesifazane ongakholwa), futhi ningashadisi amadodakazi enu nabesilisa abakhonza abanye noma okunye ngaphandle kukaMvelinqangi futhi ngempela isigqila sowesilisa okholwayo singcono

kunomuntu okhonza abanye noma okunye ngaphandle kukaMvelinqangi noma ngabe eniheha kanjani. Labo-ke bakumemela emlilweni kepha uMvelinqangi ukumemela esivandeni (ezulwini) nasekuthetheleleni ngentando yakhe futhi ucacisela abantu amavesi akhe ukuze bakhumbule.

### *Isigaba samashumi amabili nesishiyagalombili (28)*

222. Futhi bakubuza ngokuya esikhathini ithi "kuyinto ephatha kabi ngakho-ke qhelelanani nabesifazane benu uma besesikhathini ningasondelani kubo baze bahlanzeke. Uma sebezihlanzile seningeza kubona ngalapho uMvelinqangi enikhombisile khona. Ngempela uMvelinqangi uyabathanda abaphenduka ngentethelelo (kuyena) futhi uyabathanda abazihlanzayo.
223. Amakhosikazi enu izivande zenu ngakho-ke iyani izvandeni zenu ngesikhathi enifisa ngaso futhi nibekele imiphefumulo yenu (okuhle) ngaphambili nesabe uMvelinqangi futhi nazi ukuthi nina niyohlangana naye. Futhi yisho izindaba ezimnandi kwabakholwayo.
224. Futhi ningenzi (izifungo zenu) ngoMvelinqangi isizathu ekungenzini okuhle futhi nesabeni uMvelinqangi nasekwenzeni ubulungiswa phakathi kwabantu. Futhi uMvelinqangi ungozwayo owaziyo.
225. UMvelinqangi akanibeki isono ngalokho eningakuhlosile ezifungweni zenu kodwa unibeka isono ngalokho okuvunwe yizinhliziyo zenu. Futhi uMvelinqangi ungothethelelayo obekezelayo.
226. Kulabo abafunga ukuthi bazile amakhosikazi abo (isikhathi okumele) basime izinyanga ezine uma sebephindele (esimweni esejwayelekile) ngakho-ke ngempela uMvelinqangi ungothethelelayo onesihawu.
227. Futhi uma benqumelana isahlukaniso ngempela uMvelinqangi ungozwayo owaziyo.

228. Futhi abesifazane abahlukanisile kufanele balinde kuze kuphele izinyanga ezintathu (bengashadi okwesibili), futhi akusiwona umthetho kubona ukufihla lokho uMvelinqangi akudalile esizalweni sabo uma bekholwa kuMvelinqangi kanye nososukwini lokugcina, futhi abayeni babo banamalungelo okubabuyisela emumva kulesisi (sikhathi) uma befuna ukubuyelana. Futhi okwabo (abesifazane) kufana nalokho okulindelekile kubona mayelana nokuhle. Futhi amadoda (abayeni babo) bangaphezu kwabo ngezinga. Futhi uMvelinqangi uphakeme ngamandla unobuhlakani.

***Isigaba samashumi amabili nesishiyagalolunye (29)***

229. Isahlukaniso sikabili ngakho-ke (emuva kwalokho) uyamugcina ngendlela eyamukelekile noma uyamdedela ngendlela eyamukelekile futhi akusiwona umthetho kunina ukuthi nithathe okuthize kubona kulokho enababela kona, ngaphandle uma bona bobabili besaba ukuthi angeke bakwazi ukugcina imigomo kaMvelinqangi. Kepha uma nesaba ukuthi angeke nikwazi ukugcina imigomo kaMvelinqangi akukho isono kubona bobabili mayelana nokuthize okubuyiswa owesifazane ukuze akhululeke. Leyo yimigomo kaMvelinqangi ngakho-ke ningayeqi futhi noma ngabe ngubani oweqa imigomo kaMvelinqangi labo-ke bona bangabenzi bokubi.

230. Futhi uma (indoda) yahlukanisile naye (owesifazane okwesithathu) akasekho emthethweni kuyena (owesilisa ukuthi ashade naye) emuva kwalokho kuze kube ashade nenye indoda. Futhi uma (indoda entsha) yenza isahlukaniso naye alikho icala kubona bobabili (indoda yokuqala nowesifazane) uma becabanga ukuthi bona bobabili bazoyigcina imigomo kaMvelinqangi. Lena yimigomo kaMvelinqangi ayenza icace esizweni esaziyo.

231. Futhi uma nehlukanisile nabesifazane futhi sebesiqedile isikhathi sabo kepha uma begcinwa mabagcinwe ngendlela eyamukelekile noma uma nibadedela mabadedelwe ngendlela eyamukelekile. Futhi ningabagcini ngendlela ebaphatha kabi ukuze niphule imigomo futhi noma ngabe ubani owenza lokho uzonele umphefumulo wakhe, futhi ningenzi amavesi kaMvelinqangi inhlekisa, futhi nikhumbule ububele buka Mvelinqangi phezulu kwenu nalokho akwehlisele phezulu kwenu okusencwadini, nobuhlakani aniyalela ngakho nesabe uMvelinqangi futhi nazi ukuthi uMvelinqangi wazi ngazo zonke izinto.

***Isigaba samashumi amathathu (30)***

232. Futhi uma nehlukanisile nabesifazane kulapho sebesiqedile isikhathi sabo, ningabavimbeli ukuba bashade namadoda abo (okuqala) uma bevumelana phakathi kwabo ngendlela eyamukelekile. Lokho enitshelwe ngakho noma ngabe ubani kunina okholwa kuMvelinqangi nasosukwini lokugcina lokho kunilungele futhi kuhlanzekile kunina, uMvelinqangi uyazi kepha nina anazi.

233. Omame bayoncelisa izingane zabo iminyaka emibili egcwele lowo othanda ukuqedela (isikhathi) sokuncelisa, futhi ubaba uthwele umthwalo wokondla nokubagqokisa ngendlela okwamukeleke ngayo, awukho umphefumulo oyothweswa umthwalo ongaphezulu kwamandla awo umame akumele aphathwe kabi ngenxa yengane yakhe noma lowo ingane ezalelwe yena (ubaba) ngenxa yengane yakhe futhi nasendlalifeni (kwenzeka) okufana nalokho. Uma bobabili bethanda ukumyekisa ukuncela ngokuvumelana noma sebebonisene asikho isono kubona bobabili. Futhi uma nifuna ukuqasha abagadi bezingane zenu asikho isono kunina inqobo nje uma nibakhokhela ngendlela eyamukelekile futhi nesabe

uMvelinqangi, futhi nazi ukuthi uMvelinqangi uyakubona enikwenzayo.

234. Futhi labo abafa kunina bashiya amakhosikazi ngemuva (amakhosikazi) awalinde izinyanga ezine nezinsuku eziyishumi. Uma esesiqedile leso sikhathi asikho isono kunina emiphefumulweni yabo ngendlela eyamukelekile. Futhi uMvelinqangi uyakwazi enikwenzayo.

235. Asikho isono kunina kulokho enikushoyo (isithembiso somshado) kwabesifazane noma lokho enikufihlayo emiphefumulweni yenu, uMvelinqangi uyazi ukuthi nizobakhumbula (abesifazane) kodwa ningenzi isithembiso kubona sibe yimfihlo ngaphandle kokuthi nikhulume inkulumo ngendlela eyamukelekile. Futhi ninganqumi ukushada kuze kuphele isikhathi esinqunyiwe futhi nazi ukuthi uMvelinqangi uyakwazi okusezinhliziyweni zenu ngakho-ke mqapheleni futhi nazi ukuthi uMvelinqangi uyathethelela uyabekezela.

***Isigaba samashumi amathathu nanye (31)***

236. Asikho isono kunina uma nehlukanisa nabesifazane nibe ningakabathinti noma ningakabakhipheli lokho okuyisabelo sabo (Mehr). Futhi nibanike (isipho), koyisicebi okulingene namandla akhe futhi nokompofu okulingene namandla akhe isipho masenziwe ngendlela eyamukelekile, (lokho) kubekekile ukuba kwenziwe abenzi bokuhle.

237. Futhi uma nehlukanisa nabesifazane ngaphambili kokuba nibathinte nibe senibaqokele okwabo ngakho-ke (banikeni) ingxenye yalokho enibaqokele kona ngaphandle kokuthi kona bengakuthathi noma kungathathwa yilowo esandleni sakhe okunesibopho somshado futhi ukuthi nikuyeke kusondelene nokwenza okuhle, futhi ningakhohlwa izenzo ezinhle phakathi kwenu ngempela uMvelinqangi ungokubonayo enikwenzayo.

238. Qaphelani imithandazo futhi (ikakhulukazi) umthandazo ophakathi, futhi nime ngaphambi kukaMvelinqangi ngokuzithoba.
239. Kodwa uma nesaba (ubungozi noma isitha thandazani) nimile noma nigibele futhi uma seniphephile nikhumbule uMvelinqangi njengoba anifundisa lokho enaningakwazi.
240. Futhi labo abafayo phakathi kwenu bashiya amakhosikazi (abo) ngemuva isondlo kumakhosikazi esingangonyaka ngaphandle kokuthi baphumele ngaphandle. Uma bephumela ngaphandle (beshiya) asikho isono kubona kulokho abakwenzile emiphefumulweni yabo, uma bekwenze ngendlela eyamukelekile futhi uMvelinqangi uphakeme ngamandla unobuhlakani.
241. Futhi kwabesifazane abehlukanisile (kufanele bathole) isondlo ngendlela eyamukelekile lokho kubekekile kulabo abanonembeza.
242. Ngokunjalo-ke uMvelinqangi unenzela kucace amavesi akhe ukuthi nibe nomqondo.

***Isigaba samashumi amathathu nambili (32)***

243. Anibabonanga yini labo abaphuma emakhaya abo beyizinkulungwane besaba ukufa? Wabe esethi uMvelinqangi kubona "yifani" wabe eseyabavusa ngempela unobubele kubantu kepha abantu abaningi ababongi.
244. Futhi yilwani endleleni kaMvelinqangi futhi nazi ukuthi ngempela uMvelinqangi ungozwayo owaziyo.
245. Ubani lowo ozoboleka uMvelinqangi ozoboleka ukuboleka okuhle, angamuphindaphindela kona ukuphindaphinda izikhathi eziningi, futhi uMvelinqangi ungobambayo (okuthize) futhi nguyena odedelayo futhi siyophindela kuyena.

246. Awukaboni yini ukuhlangana kwabantwana bakwa-Israel emumva kukaMose ngesikhathi bethi kumphrofethi wabo "thumela kuthina iNkosi ukuze silwe endleleni kaMvelinqangi" wathi, "Akusikhona yini ukuthi naniyobaleka ukuba naninqunyelwe ukulwa? Bathi, "kwakungoba yini ukuthi singangalwi futhi kwakungoba yini ukuthi singangalwi endleleni kaMvelinqangi na? Sibe sasikade sasikhishwe emakhaya ethu nasezinganeni zethu na?" kwathi lapho sebenqunyelwe ukulwa bajikela emuva ngaphandle kwabayingcosana kubona futhi uMvelinqangi ungobaziyo abenzi bobubi.
247. Futhi umphrofethi wabo wathi kubona "ngempela uMvelinqangi unithumele uSawuli ukuba abe yiNkosi. Bathi, "kungenzeka kanjani ukuthi ubukhosi kube ngobakhe ngaphezulu kwethu sibe thina sifanelwe ubukhosi ngaphezu kwakhe na? Engakaze anikezwe ngisho nengcebo na?" wathi "ngempela uMvelinqangi umkhethile ngaphezulu kwenu futhi wamandisela ulwazi nomzimba, futhi uMvelinqangi unikeza umbuso wakhe lowo amthandayo futhi uMvelinqangi wazi kabanzi.
248. Futhi umphrofethi wabo wathi kubona, "ngempela izimpawu zobukhosi bakhe ukuthi kuyofika kunina ibhokisi phakathi kulona kuyobe kunokuthula okuvela eNkosini yenu nokwasalayo okwashiywa umndeni kaMose nomndeni ka-Aroni liyobe lithwelwe yizingelosi ngempela kulokho kunesibonakaliso kunina uma ningabakholwayo.

***Isigaba samashumi amathathu nantathu (33)***

249. Futhi kwathi lapho uSawuli ephuma namabutho (akhe) wathi, "ngempela uMvelinqangi uzonihlola ngomfula noma ngabe ubani oyophuza kuwona akasiyena owami kepha lowo ongayikuwanambitha ngempela ungowami,

ngaphandle kwalowo oyophuza ngesandla sakhe okulingene kodwa baphuza kuwona ngaphandle kwabayingcosana kubona. Kwathi lapho esewuwelile yena nalabo ababekholwa kanye naye bathi "namhlanje asinamandla okubhekana noGoliyathi namabutho akhe kepha labo ababeqinisekile ukuthi bayohlangana noMvelinqangi" bathi, "kukaningi kangakanani ukuthi idlanzana lehlule isixuku esikhulu ngentando kaMvelinqangi? Futhi uMvelinqangi ukanye nababekezelayo".

250. Kwathi lapho sebephokophelele phambili ukuyolwa noGoliyathi namabutho akhe bathi, "Nkosi yethu senze sibekezele wenze izinyawo zethu ziqine futhi usisize ekubhekaneni nabantu abangakholwa.

251. Ngakho-ke banqoba ngentando kaMvelinqangi futhi uDavide wabulala uGoliyathi futhi uMvelinqangi wamnika ubukhosi nokuhlakanipha wamfundisa kulokho ayekufisa. Futhi ukube kwakungesikona ukuthi uMvelinqangi ugudluza abanye abantu ngabanye, umhlaba wawuzokonakala kodwa uMvelinqangi ungonobubele emihlabeni.

252. Lawo ngamavesi kaMvelinqangi sikufundela wona ngeqiniso, futhi ngempela wena (Muhammad) ungomunye wezithunywa.



253. Lezo yizithunywa ezinye zazo sazenze zabangcono ngaphezulu kwezinye phakathi kwazo kukhona lezo uMvelinqangi akhuluma (kuzona), ezinye zazo waziphakamisa ngezinga futhi sanika uJesu indodana kaMariya izibonakaliso ezicacile sabe sesimeseka ngomoya ongcwele. Futhi ukube wayethanda uMvelinqangi labo abeza ngemumva kwabo babengeke balwe bodwa emuva kokuba sekufike izibonakaliso ezicacile kubona, kodwa baphikisana, kepha abanye babo bakholwa abanye babo abazange bakholwe. Futhi ukube uMvelinqangi wayethanda babengeke balwe bodwa, kodwa uMvelinqangi wenza lokho akuhlosile.

***Isigaba samashumi amathathu nane (34)***

254. Oh Nina enikholwayo! Sebenzisani kulokho esininike kona ngaphambili kokuba kufike usuku lapho kungasekho ukuthengiselana nobungani nokuncengelana kungekho. Futhi abangakholwa bona bangabenzi bokubi.

255. UMvelinqangi akukho okunokukhonzwa ngaphandle kwakhe ungophilayo, ungumondli nomvikeli wazo zonke izidalwa akazeli yena futhi akalali kungokwakhe noma ngabe yini esemazulwini futhi noma ngabe yini esemhlabeni, ubani yena lowo ongancengela (omunye) kuYena ngaphandle kwemvume yakhe na? Wazi (okwakukhona) ngaphambilini kwabo nokuyokuba ngasemuva kwabo, futhi akukho lutho oluhaqe ulwazi lwakhe ngaphandle kwalokho akuthandayo, isihlalo sakhe singaphezulu kwamazulu nemihlaba, futhi ukuqaphele kokubili akumsindi, futhi uphakeme mukhulu kakhulu.

256. Akukho mpoqo enkolweni, indlela elungileyo ecacisiwe kweyedukileyo, ngakho-ke lowo ongakholelwa ezintweni ezingesilona iqiniso ukuba zikhonzwe (Taghut) bese, ekholelwa kuMvelinqangi yena ubambelele esibambelelweni esethembekile esingasoze saphuka futhi uMvelinqangi uyezwa uyazi.

257. UMvelinqangi ungumgadi walabo abakholwayo ubakhipha ebumnyameni abalethe ekukhanyeni futhi labo abangakholwa abagadi babo yilabo osathane, babakhipha ekukhanyeni babalethe ebumnyameni, labo-ke bangabanqwamani nomlilo bayokuba phakathi kuwo ingunaphakade.

258. Anikaze nimbone yini lowo owaphikisana no-Abrahamu ngeNkosi yakhe ngoba uMvelinqangi wayemnikile ubukhosi? Ngenkathi u-Abrahamu ethi, "iNkosi yami iyona eyiletha impilo futhi eyiletha ukufa" yathi, "mina ngiyaphilisa futhi ngiyabulala". Wathi u-Abrahamu "ngempela uMvelinqangi wenza ukuthi ilanga liphume eMpumalanga ngakho-ke

lenze liphume eNtshonalanga" ngakho-ke lowo ongakholwa wayedidekile (emangele) futhi uMvelinqangi akabaholi abantu abenza okubi.

***Isigaba samashumi amathathu nanhlanu (35)***

259. Noma njengalowo owedlula edolobheni elalibhubhe liphelile wathi "uMvelinqangi uyolivusa kanjani emva kokufa kwalo na?" Ngakho-ke uMvelinqangi wamenza ukuthi afe iminyaka eyikhulu wabe eseyamvusa wathi, "uhlale (ufe) isikhathi esingakanani na?" Wathi, "ngihlale usuku noma ingxenye yosuku" wathi, "cha iminyaka eyikhulu, bheka ukudla kwakho akubolanga, nesiphuzo sakho asishintshanga futhi bheka imbongolo yakho, Sizokwenza ukuthi ube yisibonelo kubantu, futhi bheka amathambo ukuthi siwahlanganise kanjani sawagqokisa inyama. Kwathi ngenkathi sekucacile kuyena wathi, "ngiyazi ukuthi uMvelinqangi unamandla ngaphezulu kwazo zonke izinto.

260. Futhi (khumbula) ngenkathi u-Abrahamu ethi, "Nkosi yami ngikhombise ukuthi ubaphilisa kanjani abafileyo" uMvelinqangi wathi, "Awukakholwa yini na?" (u-Abrahamu) wathi "Yebo, kodwa ukuze inhliziyo yami yaneliseke" Wathi uMvelinqangi, "ngakho-ke thatha izinyoni ezine (uzifundise ukuba zilalele wena) uzihlinze bese ubeka izingcezu zazo phezulu kwentaba nentaba bese uzibiza ziyoza kuwena zishesha futhi yazi ukuthi uMvelinqangi uphakeme ngamandla unobuhlakani.

261. Isibonelo salabo sinjengesalabo abasebenzisa ingcebo yabo endleleni kaMvelinqangi kunjengo hlamvu (lombila) olumila izikhwebu eziyisikhombisa esikhwebwini ngasinye kumila ikhulu lezinhlamvu futhi uMvelinqangi uphindaphindela lowo omthandayo (izibusiso zakhe) futhi uMvelinqangi wazi kabanzi.

***Isigaba samashumi amathathu nesithupha (36)***

262. Labo abasebenzisa ingcebo yabo endleleni kaMvelinqangi ngakho-ke ningakulandeli lokho abakuchithile ngokukhuluma ngokuphana kwabo noma ngokulimaza, umvuzo wabo useNkosini yabo futhi angeke kubekhona ukwesaba kubona futhi angeke baphatheke kabi.
263. Inkulumo enhle noxolo kungcono kunokuphana okulandelwa ukulimaza (ukukhulumela) nokuthi uMvelinqangi akadingi lutho futhi uyabekezela.
264. Oh nina enikholwayo! Ningenzi ukuphana kwenu kube yize ngokukhuluma ngako, nangokulimaza njengalowo osebenzisa ingcebo yakhe ukuze abukwe ngabantu futhi engakholelwa kuMvelinqangi nososukwini lokugcina. Isibonelo sakhe sinjengesedwala elibushelelezi okunenhlabathi phezulu kwalo, bese imvula enkulu inela kulona bese lisala lingenalutho abakwazi (ukugcina) okuthize kulokho abakuvunile futhi uMvelinqangi akabaholi abantu abangakholwa.
265. Futhi isibonelo kulabo abasebenzisa ingcebo yabo befuna ukuthokozisa uMvelinqangi nokuziqinisa bona kunjengesibonelo sesivande esisemhlabathini ophakeme okunela phezulu kwawo imvula enkulu kutholakale izithelo eziphindwe kabili. Futhi noma ngabe imvula enkulu inganethanga kusona, imvula encane (yanele) futhi uMvelinqangi uyakubona lokho enikwenzayo.
266. Ngakube ukhona omunye wenu ofisa ukuba nesivande (esinezithelo) zamasundu nomvini okugeleza ngaphansi kwaso imifula evela esithelweni ngasinye bese ehlushwa ukukhula, unenzalo eyintengentenge, bese ishawa isishingishane somoya esihamba nomlilo bese kusha kanjalo-ke uMvelinqangi unenzela kucace amavesi ukuze nicabange.

***Isigaba samashumi amathathu nesikhombisa (37)***

267. Oh Nina enikholwayo! Sebenzisani izinto ezinhle kulokho enikuzuzile futhi nakulokho esinivezele kona okuvela emhlabathini, futhi ningahlosi ukwenza okungcolile kukona, ukukusebenzisa kepha nibe ningeke nikuthatha ngaphandle kokuba uma nivale amehlo enu kukona, futhi nazi ukuthi uMvelinqangi akadingi lutho ufanele ukudunyiswa.
268. Usathane unesabisa ngobumpofu futhi uniphoqa ukuba nenze okubi, kepha uMvelinqangi unithembisa intethelelo evela kuyena ngokwandile futhi uMvelinqangi ungamele konke ungowaziyo.
269. Upha lowo Amthandayo ukuhlakanipha futhi lowo onikwe ukuhlakanipha unikwe ubuhle obukhulu futhi akekho oyokhumbula ngaphandle kwabantu abaqondayo.
270. Futhi noma ngabe yini eniyichithayo okuyizindleko noma izifungo enizenzayo, ngempela uMvelinqangi uyazazi futhi izoni angeke zibe nabasizi.
271. Uma ninikela ngezipho ngokusobala kuhle futhi uma nizifihla bese nizinika abampofu kuyoba kuhle kakhulu kunina futhi uyowasusa amanye amaphutha enu futhi uMvelinqangi lokho enikwenzayo uyakwazi.
272. Akusikhona okwakho ukubaholela (endleleni eqondile) kodwa uMvelinqangi oholela lowo amthandayo (endleleni eqondile) futhi noma ngabe yini enhle eniyichithayo (eninikela ngayo) ingeyemiphefumulo yenu, futhi ningayichithi ngaphandle kokwenzela ubuso bukaMvelinqangi futhi noma ngabe yini enhle eniyichithayo niyokhokhelwa yona ngokugcwele futhi angeke kwenziwe okungesikhona ubulungiswa kunina.
273. (Izipho) ezalabo abampofu abavinjwa endleleni kaMvelinqangi, abangakwazi ukuhamba emhlabeni (abantu) abangazilutho bangacabanga ukuthi abaswele lutho ngenxa yokuzithiba kwabo, kepha uzobazi ngezimpawu zabo, abaceli nakancane

kubantu noma ngabe yini eniyichithayo enhle ngempela uMvelinqangi uyazi ngayo.

***Isigaba samashumi amathathu nesishiyagalombili (38)***

274. Labo abasebenzisa ingcebo yabo ebusuku nasemini ngasese nasobala umvuzo wabo useNkosini yabo futhi abayikuba nako ukwesaba futhi angeke baphatheke kabi.
275. Labo abadla inzalo angeke bakwazi ukuma (ngosuku lokuvuka kwabafileyo) ngaphandle kwanjengokuma komuntu oshawe usathane (ukushawa) kwamholela ekuhlanyeni lokho kungenxa yokuthi bona bathi ukuhweba kuyafana nje (nokwenza) inzalo kodwa uMvelinqangi wakwenza kwaba yimvume ukuhwebelana wasekwenza kwangabi yimvume ukwenza inzalo (ukuzalanisa imali), lowo osefikelwe ukuholeka okuvela eNkosini yakhe bese kuphela okwakhe yilokho osekwadlula, futhi udaba lwakhe likuMvelinqangi futhi noma ngabe ubani ophindela (ekuzalaniseleni imali) labo-ke bangabanqwamani nomlilo bona bayokuba kuwona ingunaphakade.
276. UMvelinqangi uyakubhubhisa ukuzalanisa noma okudla inzalo yemali wandisa ukuphana futhi uMvelinqangi akabathandi bonke abangakholwa abayizoni.
277. Ngempela labo abakholwayo abenze nezenzo ezinhle, benze umthandazo, banikele kwabampofu (izakaah), umvuzo wabo useNkosini yabo futhi akuyikubakhona ukwesaba kubona futhi angeke baphatheke kabi.
278. Oh nina enikholwayo! sabani uMvelinqangi niyeke lokho okusele enzuzweni yenzalo uma ningabakholwayo.
279. Kepha uma ningenzi njalo ngakho-ke qaphelani impi evela kuMvelinqangi nesithunywa sakhe. Kodwa uma nicela intethelelo okwenu inqgikithi yemali yenu, ningenzi okungesikhona ubulungiswa futhi (nani) angeke nenziwe okungesikhona ubulungiswa.

280. Futhi uma othize esebunzimeni ngakho-ke akulindwe kuze kufike isikhathi lapho izinto zibalula khona kepha uma ninikela (ngayo imali njengesipho lokho) kungcono kunina ukube benazi.
281. Futhi sabani usuku eniyokubuyiselwa ngalo kuMvelinqangi ngakho-ke wonke umuntu uyokhokhelwa lokho okuvumile futhi angeke benziwe okungeyisikhona ubulungiswa.

***Isigaba samashumi amathathu nesishiyagalolunye (39)***

282. Oh nina enikholwayo! Uma nenza izikweletu nivumelene ngesikhathi esithize zibhaleni phansi. Futhi umbhali azibhale phakathi kwenu ngobulungiswa, futhi umbhali akanganqabi ukubhala ngendlela uMvelinqangi amfundise ngayo. Ngakho-ke akabhale futhi lowo okweletayo akube uyena obizelayo futhi esabe uMvelinqangi iNkosi yakhe futhi angashiyi lutho ngaphandle. Kodwa uma lowo okweletayo enokuqonda okuncane noma eyintengentenge noma engakwazi ukuzibizela yena ngakho-ke akube umgadi wake ozobizela ngobulungiswa, akuze ofakazi ababili phakathi kwabesilisa benu kepha uma bengekho abesilisa ababili, akube owesilisa nabesifazane ababili kulabo enibamukelayo ukuba babe ngofakazi, ukuthi uma oyedwa wabo (abesifazane) enza iphutha omunye bese eyamkhumbuzisa futhi abanganqabi ofakazi uma bebizwa ningenqeni ukusibhala (isikweletu) noma ngabe sincane noma ngabe sikhulu mayelana nesikhathi saso esinqunyiwe lokho kunobulungiswa obukhulu emehlweni kaMvelinqangi futhi kuqinisekile njengobufakazi futhi kungukuvikela ukungabaza phakathi kwenu, ngaphandle uma kungukuhwebelana enikwenza nina uqobo lwenu phakathi kwenu ngakho-ke alikho icala kunina uma ningazibhali, futhi akube khona ofakazi uma nenza isivumelwano nithengiselana, akungabibikho ubungozi phakathi kombhali noma ufakazi kepha uma nenze

kanjalo ngempela lokho kuwukungahloniphi kunina futhi sabani uMvelinqangi, nokuthi uMvelinqangi uyanifundisa futhi uMvelinqangi uyisazi sazo zonke izinto.

283. Futhi uma nisohambweni ningenako ukuthola umbhali ngakho-ke makuthathwe isibambiso, kodwa uma omunye wenu ethemba omunye ngakho-ke lowo othenjwayo akakhombise ukwethembeka kwakhe asabe uMvelinqangi iNkosi yakhe futhi ningabufihli ubufakazi futhi noma ngabe ubani obufihlayo ngempela inhliziyo yakhe isesonweni futhi ngempela uMvelinqangi ungokwaziyo abakwenzayo.

284. Kungokuka Mvelinqangi noma ngabe yini esemazulwini nanoma ngabe yini esemhlabeni noma ngabe nivezani okusemiphefumulweni yenu noma ngabe niyakufihla uMvelinqangi uyokuletha kunina ukunibuza ngakho, Ngakho-ke uyothethelela lowo Amthandayo ajezise lowo amthandayo. Futhi uMvelinqangi unamandla ngaphezulu kwazo zonke izinto.

285. Isithunywa sakholelwa kulokho okwehliselwa kusona okuvela eNkosini yaso nabakholwayo. Bonke bakholwa kuMvelinqangi nasezingelosini zakhe, nasezincwadi zakhe nasezithunyweni zakhe (bathi), "thina asiwenzi umehluko phakathi kwezithunywa zakhe", futhi bathi, "sizwile futhi sahlonipha usithethelele Nkosi yethu futhi ngokuba sikuwena isiphetho.

286. UMvelinqangi akawuthwesi umphefumulo (okungaphezulu) kwamandla awo ngaphandle kokuwulingene okwawo yilokho okuwuvunile (ezintweni ezinhle) futhi okwawo yilokho okuwuvunile (ezintweni ezimbi), Nkosi yethu ungasibeki icala uma sikhohliwe noma senze iphutha. Nkosi yethu ungawubeki phezulu kwethu umthwalo njengoba wabetheswa labo ababengaphambilini kwethu, Nkosi yethu ungasethwesi lokho esingenawo amandla awokukumela sixolele usithethelele

yiba nesihawu kuthina wena ungumvikeli wethu, senze ukuba sinqobe abantuabangahola.

# (3)
# Al-Imran – (Umndeni) ka-Imran

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni lika-Allah onomusa onesihawu*

1. Alif Lam meem. (Akekho noyedwa owaziyo ukuthi lezizinhlamvu zamagama zisho ukuthini ngaphandle kukaMvelinqangi).
2. UMvelinqangi akukho into enokukhonzwa ngaphandle kwakhe ungophilayo, umondli wezidalwa zonke.
3. Wehlisele phansi kuwena incwadi ngeqiniso iqinisekisa lokho okwakungaphambilini kwayo futhi wembula iTora neVangeli.
4. Ngaphambilini, njengomholi kubantu futhi wembula umehluleli, ngempela labo abangakholelwa emavesini kaMvelinqangi okwabo yisijeziso esinzima futhi uMvelinqangi uphakeme ngamandla ungumnini wokuphindisela.
5. Ngempela kuMvelinqangi akukho okufihlekile okusemhlabeni noma okusezulwini.
6. Nguyena onibumbayo esizalweni ngendlela ayithandayo akukho into enokukhonzwa ngaphandle kwakhe uphakeme ngamandla unobuhlakani.
7. Nguyena owehlisela phansi kuwena incwadi enamavesi acacile ayisisekelo sencwadi futhi amanye awacacile (ayindida) kepha laba ezinhliziyweni zabo ekunokuphambuka bayolandela lokho okwawo okuyindida befuna okulungile futhi befuna ukuhumushwa kwawo, kepha akekho owaziyo ukuhumushwa kwawo ngaphandle kukaMvelinqangi futhi labo abanolwazi olunzulu bathi, “siyakholelwa kuwona wonke (amavesi) avela eNkosini yethu, futhi akekho oyokhunjuziswa ngaphandle kwalabo abaqondayo”.

8. Nkosi yethu uze ungazenzi izinhliziyo zethu ukuthi ziphambuke emva kokuthi ususiholele (endleleni eqondile). Futhi usiphe umusa ovela kuwe ngempela wena ungophayo.
9. Nkosi yethu ngempela wena uyokuba nguMqoqi wabantu ngelanga okungenakungatshazwa kulo, ngempela uMvelinqangi angeke asephule isithembiso sakhe.

***Isigaba sesibili (2)***

10. Ngempela labo abangakholwa ingcebo yabo nezingane zabo akuyikubasiza ngalutho maqondana noMvelinqangi futhi labo-ke bona bayizithungelo zomlilo.
11. Kunjengokuziphatha kwabanu bakaFaro nalabo ababengaphambilini kwabo, baphika izimpawu zethu ngakho-ke uMvelinqangi wababhubhisa ngenxa yezono zabo, uMvelinqangi unzima ekujeziseni.
12. Ithi kulabo abangakholwa, "niyonqotshwa nibuthelwe ndawonye esihogweni futhi yimbi (leyo) ndawo yokuphumula".
13. Ngempela nanenzelwe isibonakaliso emabuthweni amabili ahlangana alwa, elinye ibutho laliwa lizabalaza endleleni kaMvelinqangi elinye lalingakholwa lalibabona bephindeke kabili (kunabo) kwakungukubona nje kwamehlo abo uMvelinqangi uyameseka ngosizo lwakhe lowo amthandayo ngempela kulokho kunesifundo kulabo abanokubona.
14. Kwenziwele abantu kwaba yinto enhle ukuthanda lokho abakufisayo ebantwini besifazane, namadodana (izingane) nomcebo oqongelelwe wegolide nesiliva, namahhashi ohlobo lwekhethelo nezinkomo nomhlaba olinywe kahle, lokho kuyinjabulo yempilo yakulomhlaba, kodwa kuMvelinqangi kunokuphindela okuhle.
15. Ithi ngakube kufanele yini nginitshele ngokungcono kunalokho na? Okwalabo abesaba uMvelinqangi, eNkosini yabo kunezingadi okugobhoza ngaphansi kwazo imifula

lapho beyohlala khona ingunaphakade kanye nezithandwa ezimsulwa nokweneliseka okuvela kuMvelinqangi futhi uMvelinqangi ungumboni wezinceku (zakhe).

16. Labo abathi, "Nkosi yethu ngempela sikholiwe ngakho-ke sithethelele izono zethu futhi usivikele ekujezisweni komlilo?

17. Ababekezelayo abakholwa ngokuyiqiniso nabazinikele ekuhlonipheni uMvelinqangi, nabanikelayo nalabo abathandazayo becela ukuthi uMvelinqangi abathethelele ngasemahoreni okugcina obusuku.

18. UMvelinqangi uyafakaza ukuthi ayikho into enokukhonzwa ngaphandle kwakhe nezingelosi nalabo abanolwazi (bayafakaza) uhlala njalo egcina izidalwa zakhe ngobulungiswa ayikho into enokukhonzwa ngaphandle kwakhe uphakeme ngamandla unobuhlakani.

19. Ngempela inkolo (yeqiniso) kuMvelinqangi i-Islam, labo ababenikezwe iNcwadi babengaphikisene ngaphandle (kokuphikisana) emva kokuba sebefikelwe ulwazi kusuka emoneni nasenzondweni phakathi kwabo futhi noma ngabe ngubani ongakholelwa emavesini kaMvelinqangi ngakho-ke ngempela uMvelinqangi uyashesha ukwahlulela.

20. Kepha uma bephikisana nawe ithi, "ngizinikele ngaphani kwentando kaMvelinqangi (enkolo yobu-Islam) nalabo abangilandelayo" futhi ithi kulabo ababenikezwe incwadi nababengafundile, "ngakube nizinikele ngaphansi kwentando kaMvelinqangi na? Kepha uma bezinikele baholeleke ngokuyikho futhi uma befulathela umsebenzi wakho ukudlulisa umyalezo kuphela futhi uMvelinqangi ungumboni wezinceku (zakhe)".

***Isigaba sesithathu (3)***

21. Ngempela labo abangakholelwa ezibonakalisweni zikaMvelinqangi futhi bebulala abaphrofethi ngo-

kungemthetho futhi bebulala labo abaphoqa ngokwenza ubulungiswa kubantu ngakho-ke batshele ngesijeziso esibuhlungu.

22. Labo-ke yilabo imisebenzi yabo engeke yaba nambuyiselo kulomhlaba nasempilweni ezayo, futhi angeke babe nabasizi.

23. Awukababoni yini labo ababenikezwe ingxenye yemibhalo na? Bamenyelwe encwadini kaMvelinqangi ukuze yehlulele phakathi kwabo, kepha idlanzana kubona lafulathela futhi babephika.

24. Lokho kungenxa yokuthi bathi, "Umlilo angeke usithinte ngaphandle kwezinsuku ezimbalwa" futhi lokho okusha ababekunezelela enkolweni yabo yikona kanye okwakubakhohlisa.

25. Ngakube kuyokuba njani uma sesibaqoqela ndawonye ngalelolanga ekungenakungatshazwa kulona na? Futhi umphefumulo ngamunye uyokhokhelwa (ngokuphelele) ngalokho owukusebenzele futhi angeke baphathwe ngokungeyikho ubulungiswa.

26. Ithi, "Oh Mvelinqangi! Mnini wamandla nobukhosi unikeza umbuso lowo omthandayo futhi uphakamisa isithunzi salowo omthandayo ujabhisa lowo amthandayo, esandleni sakho kunobuhle ngempela wena unamandla ngaphezulu kwazo zonke izinto".

27. Wenza ubusuku bungenelele osukwini futhi wenza usuku lungenelele ebusukwini futhi uveza impilo kokufileyo futhi uveza ukufa kokuphilayo futhi wabela lowo amthandayo ngaphandle kwesibalo (isilinganiso).

28. Abakholwayo abangathathi abangakholwa njengabangani esikhundleni sabakholwayo futhi noma ngabe ubani owenza lokho angeke athole lutho oluvela kuMvelinqangi ngaphandle kokuthi niqaphele ubungozi kubona. Futhi uMvelinqangi uyanixwayisa ngasijeziso sakhe futhi isiphetho sikuMvelinqangi.

29. Ithi, "Noma niyakufihla okusezifubeni zenu noma niyakuveza uMvelinqangi uyakwazi futhi uyakwazi lokho okusemazulwini nalokho okusemhlabeni futhi uMvelinqangi unamandla ngaphezulu kwezinto zonke".
30. Ngelelolanga yonke imiphefumulo iyothola lokho ekusebenzele, nakokonke ukubi ekwenzile, uyofisa ukuthi phakathi kwawo nalokho (okubi) okwenzile bekunebanga elide nokuthi uMvelinqangi uyanixwayisa ngesijeziso sakhe futhi uMvelinqangi unobubele ezincekwini (zakhe).

***Isigaba sesine (4)***

31. Ithi, "Uma nimthanda uMvelinqangi ngakho-ke ngilandeleni, uMvelinqangi uzonithanda aphinde anithethelele izono zenu futhi uMvelinqangi ungothethelelayo onesihawu".
32. Ithi hloniphani uMvelinqangi nesithunywa kepha uma befulathela (ekwenzeni lokho) ngakho-ke uMvelinqangi akabathandi abangakholwa.
33. Ngempela uMvelinqangi wakhetha u-Adamu noNowa nomndeni ka-Abrahamu nomndeni ka-Imran ngaphezu kwezizwe zonke.
34. Esinye isizukulwane siphuma kwesinye futhi uMvelinqangi uyezwa uyazi.
35. (Khumbula) ngesikhathi unkosikazi ka-Imran ethi "Nkosi yami ngempela ngiyafunga kuwena ngokusesizalweni sami kunikezelwe (usizo lwakho) ngakho-ke amukela lokhu kumina ngempela wena ungozwayo owaziyo.
36. Kwathi lapho esembelethile (umntwana) wesifazane wathi owesifazane, "Nkosi yami ngibelethe umntwana wesifazane futhi uMvelinqangi ngempela wayeyisazi ngokubelethwe owesifazane futhi isilisa asifani nesifazane futhi owesifazane ngimethe igama elithi Maryam (Mariya) futhi ngimcelela

isiphephelo kuwena (Mvelinqangi) nesizukulwane sakhe (ukungalingwa) usathane oxoshiwe (emseni kaMvelinqangi)".

37. Ngakho-ke iNkosi yakhe yamemukela ngezandla ezimhlophe yamenza wakhula ngendlela enhle yabe seyimbeka ngaphansi kwesandla sika-Zakariya, kwakuthi lapho uZakariya uma engena eMihrab (ekamelweni lomkhuleko) wayemfica ehlinzekwe ngokudla wathi, "Oh Mariya! Kuphumaphi lokhu? Wathi (uMariya), "kuphuma kuMvelinqangi" ngempela uMvelinqangi uhlinzeka ngokudla lowo amthandayo ngaphandle kokumnqumela (kokumlinganisela).

38. Lapho-ke wathandaza uZakariya (ecela) eNkosini yakhe wathi, "Nkosi yami ngiphe okuvela kuwena okuyinzalo enhle ngempela wena ungosizwayo isicelo.

39. Ngakho-ke izingelosi zammemeza ngesikhathi emile ethandaza ekamelweni lokuthandaza (zathi) uMvelinqangi ukutshela izindaba ezimnandi ngoJohane ziqinisekisa izwi elivela kuMvelinqangi futhi ohloniphekile oqhelelanayo nokwenza ubudlelwano obungemthetho nabesifazane futhi ungumprofethi ophuma phakathi kwabalungileyo.

40. Wathi, "Nkosi yami ngingaba kanjani nendodana kulapho sengikhule kangaka nonkosikazi wami eyinyumba na?" Wathi, "kanjalo-ke uMvelinqangi wenza lokho akuthandayo".

41. Wathi, "uphawu lwakho ukuthi ungakhulumi nabantu izinsuku ezintathu ngaphandle (kokusebenzisa) izimpawu futhi ukhumbule iNkosi yakho kaningi uyidumise kusihlwa futhi noma kusempondo zankomo".

***Isigaba sesihlanu (5)***

42. Futhi (khumbula) ngesikhathi izingelosi zithi "Oh Mariya! Ngempela uMvelinqangi ukukhethile wakuhlanza wakuqoka ngaphezu kwesimame sayoyonke imihlaba".

43. Oh Mariya! Zinikele ngokuzihlonipha eNkosini yakho futhi uwe ngobuso bese ukhothame kanye nabakhothamayo.
44. Lokho kuyingxenye yezindaba ezingabonwayo esizembula kuwena wawungekho kubona ngesikhathi behlola ngamapeni abo (bewaphonsa emfuleni) ukuthi ubani kubona ozomela ukunakekela uMariya (njengomgcini wakhe) futhi wawungekho kubona ngesikhathi bephikisana.
45. (Khumbula) ngesikhathi izingelosi zithi, "Oh Mariya! Ngempela uMvelinqangi ukunika izindaba ezimnandi ngegama elivela kuye igama lakhe elinguMesiya uJesu indodana kaMariya, ofanele ukuhlonishwa kulomhlaba nasempilweni ezayo futhi uphakathi kwalabo abasondelene (noMvelinqangi)".
46. Futhi uyokhuluma kubantu esembelekweni futhi noma esekhulile uyokuba ngomunye wabalungileyo.
47. Wathi (owesifazane) "Nkosi yami ngingaba kanjani nendodana kulapho indoda ingakaze ingithinte na?" Wathi noma kunjalo uMvelinqangi udala lokho akuthandayo uma emisa udaba uthi kulona yenzeka bese kwenzeka.
48. Futhi uzomfundisa incwadi nobuhlakani neTorah neVangeli.
49. Futhi amenze isithunywa kubantwana bakwa-Israyeli (ethi), "ngizoza kunina nophawu oluvela eNkosini yenu ukuthi nginibumbele ngodaka lokho isimo sako esinjengesenyoni bese ngiphefumulela kuyona bese iphenduka inyoni (ephilayo) ngentando kaMvelinqangi futhi ngiphilisa abayizimpumputhe nabanesifo sochoko ngivuse abafileyo ngemvume kaMvelinqangi futhi ngiyanitshela ngalokho ekufanele ukuba nikudle nenifanele ukuba nikugcine ezindlini zenu, ngempela kunophawu kunina kulokho uma ningabakholwayo".
50. Futhi (ngingu) mqinisekisi walokho okwakungaphambilini kwami okuyiTorah, futhi ngiyanivumela ingxenye yalokho enanenqatshelwe kukona futhi ngize kunina nesiqiniseko

esivela eNkosini yenu ngakho-ke yesabani uMvelinqangi futhi nihloniphe mina.

51. Ngempela uMvelinqangi yiNkosi yami neNkosi yenu ngakho-ke mkhonzeni, lena yindlela eqondile.

52. Kwathi lapho uJesu esebona ukungakholwa ngasohlangothini lwabo wathi, "ngobani abazoba ngabasizi bami endleleni kaMvelinqangi na?" Abalandeli bathi thina singabasizi baMvelinqangi siyakholwa kuMvelinqangi futhi siyafakaza ukuthi singabazithobileyo ngaphansi kwentando yakhe.

53. Nkosi yethu sikholelwa kulokho okwembulile futhi salandela isithunywa ngakho-ke sibhale phansi kanye nalabo abafakazayo.

54. Futhi babopha uzungu (abangakholwa) noMvelinqangi wabopha uzungu futhi uMvelinqangi ungcono (ngaphezulu) kwababopha uzungu.

## *Isigaba sesithupha (6)*

55. Futhi (khumbula) ngesikhathi uMvelinqangi ethi, "Oh Jesu! Ngizokuthatha ngikukhuphulele kumina ngizokuhlanza kulabo abangakholwa futhi ngenze labo abakulandelayo babe ngaphezulu kwalabo abangakholwa kuze kube usuku lokuvuka kwabafileyo, ngakho-ke niyobuyela kumina futhi ngiyokwahlulela phakathi kwenu kulokho enaniphikisana ngakho".

56. Ngakho-ke labo abangakholwa ngizobajezisa ngesijeziso esinzima kulomhlaba nasempilweni ezayo futhi angeke babe nabasizi.

57. Futhi labo abakholwayo futhi abenza izenzo ezinhle uzobakhokhela ngokugcwele umvuzo wabo futhi uMvelinqangi akazithandi izoni.

58. Yilokhu esinifundela kona emavesini nasesikhumbuzweni esiwubuhlakani.

59. Ngempela ukufana kuka-Jesu kuMvelinqangi kuyefana nalokho kuka-Adam wamdala ngothuli wayesethi kuyena iba (khona) wayeseba khona.
60. (Leli) yiqiniso elivela eNkosini yakho ngakho-ke ungabi (ngomunye) wabalabo abangabazayo.
61. Noma ngabe ubani ophikisana nawe ngakho emva kokuba ulwazi selufikile kuwena ngakho-ke ithi, "Asibize amadodana ethu namadodana enu nabesifazane bethu nabesifazane benu nathi kanye nani bese siyazimisela emthandazweni sikhulekele isiqalekiso sikaMvelinqangi kulabo abaqamba amanga".
62. Ngempela lena yindaba eyiqiniso, futhi akunanto enokukhonzwa ngaphandle kukaMvelinqangi ngempela uMvelinqangi ungophakeme ngamandlaonobuhlakani.
63. Kepha uma befulathela ngempela uMvelinqangi uyazi ngezoni.

***Isigaba sesikhombisa (7)***

64. Ithi, "Oh Bantu bencwadi! Sondelani ezwini elifanayo phakathi kwethu nani ukuthi angeke sibe nento enokukhonzwa ngaphandle kukaMvelinqangi nokuthi angeke senze abahlanganyele kanye naye nokuthi abanye bethu angeke bathathe abanye njengamakhosi esikhundleni sikaMvelinqangi" kepha uma befulathela ithi, "fakazani ukuthi singabazinikeleyo ngaphansi kwentando kaMvelinqangi".
65. Oh Bantu bencwadi! Kungani niphikisane ngo-Abrahamu kulapho iTorah neVangeli kwakungakambulwa kwaze kwambulwa emva kwakhe na? Ngakube aninawo umqondo na?
66. Ngakube nina niyilabo abaphikisana ngalokho enaninolwazi ngako, kungan niphikisana ngalokho eningenalo ulwazi ngako na? Futhi uMvelinqangi uyazi kepha nina anazi.

67. U-Abrahamu wayengesiyena umJuda noma umKhrestu kodwa wayekholwe ngokweqiniso, ezinikele ngaphansi kwentando kaMvelinqangi futhi wayengesiyena omunye wabakhonza izithixo.
68. Ngempela abaseduze kakhulu no-Abrahamu yilabo abamlandela yena kanye nalomphrofethi kanye nalabo abakholwayo. Futhi uMvelinqangi ungumngane walabo abakholwayo.
69. Iqembu labantu bencwadi lifisa ukuthi linidukise kepha abadukisi muntu ngaphandle kwemiphefumulo yabo kepha ababoni.
70. Oh Bantu bencwadi! Kungani ningakholelwa emavesini kaMvelinqangi nibe nifakaza (ngobuqiniso bawo).
71. Oh Bantu bencwadi! (amaJuda namaKhrestu) kungani nimboza iqiniso ngamanga futhi nifihla iqiniso nibe nilazi?

## *Isigaba sesishiyagalombili (8)*

72. Futhi ingxenye yabantu bencwadi ithi, "kholelwani kulokho okwembulwa kulabo abakholwayo ekuqaleni kosuku futhi nikuphike ngasekugcineni kwalo mhlawumbe bangaphendukela (eqinisweni)".
73. Futhi ningathembi (umuntu) ngaphandle kwalabo abalandela inkolo yenu ithi ngempela ukuholwa (ngokuyikho) ukuholwa nguMvelinqangi (ngakube) anikholwa ukuthi omunye engemukela okufanayo nenakwemukela noma baphikisane nani ngaphambili kweNkosi yenu, ithi ngempela umusa usesandleni sikaMvelinqangi uwunikeza lowo amthandayo futhi uMvelinqangi ungamele konke uyazi.
74. Uyamkhetha ngomusa wakhe lowo amthandayo futhi uMvelinqangi ungumnini womusa omkhulu.
75. Futhi phakathi kwabantu bencwadi kunalowo okungathi uma ethenjwa ngokuphathiswa inqwaba yengcebo angayibuyisela

kuwena futhi phakathi kwabo kunalowo okungathi uma ethenjwa ngokuphathisa uhlamvu (olulodwa) lwesiliva angeke alibuyisele kuwena ngaphandle kokuba uyabeleselwa (ngalo) lokho kungenxa yokuthi bathi, "Akusilona icala kuthina mayelana nabangafundile futhi bakhuluma okungesilona iqiniso ngoMvelinqangi kulapho bazi.

76. Yebo, noma ngabe ubani ofeza isethembiso sakhe futhi esabe uMvelinqangi ngakho-ke uMvelinqangi uyabathanda abamesabayo.

77. Ngempela labo abashintsha isivumelwano sikaMvelinqangi nezifungo zabo ngenani elincane labo-ke angeke babe nengxenye empilweni ezayo futhi uMvelinqangi angeke akhulume nabo noma ababuke ngelanga lokuvuka kwabafileyo noma ukuthi abahlanze futhi okwabo yisijeziso esibuhlungu.

78. Futhi ngempela phakathi kwabo kuneqembu eliguqula incwadi ngolimi lwabo ukuze nicabange ukuthi kuvela encwadini kodwa kube kungaveli encwadini futhi bathi, "lokho kuvela kuMvelinqangi" kube kungaveli kuMvelinqangi futhi baqamba amanga ngoMvelinqangi kulapho bazi.

79. Akusikhona kwamuntu ukuthi uMvelinqangi anganika (umuntu) incwadi negunya kanye nobuphrofethi bese ethi lowomutu kubantu, "yibani yizikhonzi zami esikhundleni sikaMvelinqangi" kodwa (okunalokho angathi), "yibani ngabantu abaqotho abafundile ngenkolo ngenxa yalokho ebenikufundisa okusencwadini futhi nangenxa yalokho enikufundile".

80. Noma ukuthi aniphoqe ukuthi nithathe izingelosi nabaphrofethi njengamakhosi, ngakube uniphoqela ekungakholweni emva kokuba nina uqobo lwenu senizinikele ngaphansi kwentando kaMvelinqangi na?

***Isigaba sesishiyagalolunye (9)***

81. Futhi (khumbula) ngesikhathi uMvelinqangi enza isivumelwano kubaphrofethi (wathi) "noma ngabe yini enganinika yona esencwadini nobuhlakani ngakho-ke isithunywa sifika kunina siqinisekisa lokho eninakho, kufanele nikholelwe kusona futhi niseseke", (UMvelinqangi) wathi "ngakube niyavumelana (nalokho) futhi ngakube niyozibophezela kulokho enginethwesa kona na? Bathi "sivumelene (nako)" wathi, "ngakho-ke fakazani futhi nami ngingonobufakazi kanye nani".
82. Noma ngabe ubani owaphambuka emva kwalokho, labo-ke abangamhloniphi (uMvelinqangi).
83. Kungabe bafuna okunye ngaphandle kwenkolo kaMvelinqangi na? Kulapho (zonke) izidalwa ezisemazulwini nasemhlabeni zizithobile kuyena zithanda noma zingathandi futhi bayophindiselwa kuyena (bonke).
84. Ithi, "siyakholwa kuMvelinqangi nakulokho okwembulwa kuthina nakulokho okwembulwa ku-Abrahamu no-Ishmayeli no-Isaki noJakobe nezizwe futhi nakulokho okwanikezwa uMose noJesu nabaphrofethi abavela eNkosini yabo, asilwenzi ubandlululo phakathi kwanoma ngabe yimuphi kubona futhi sizinikele kuyena".
85. Futhi noma ngabe ngubani ofuna enye inkolo ngaphandle kwe-Islam ayisoze yemukeleka kuye futhi empliweni ezayo uyokuba ngomunye wabalahlekelweyo.
86. Kepha uMvelinqangi angabahola kanjani abantu abaphika ukholo emuva kokuba sebekholiwe na? (bethula) ubufakazi ukuthi isithunywa eseqiniso nezimpawu ezicacile zibe zazifikile kubona na? Futhi uMvelinqangi akabaholi abantu abenza okubi.

87. Labo, umvuzo wabo ukuthi kuyokuba phezulu kwabo isiqalekiso sikaMvelinqangi nesezingelosi nesabobonke abantu.
88. Bayohlala phakathi ingunaphakade angeke bancishiselwe noma bahlehliselwe isijeziso.
89. Ngaphandle kwalabo abacela intethelelo emva kwalokho futhi benze izenzo ezinhle, ngempela uMvelinqangi ungothethelelayo onesihawu
90. Ngempela labo abaphika ukholo emva kokuba sebekholiwe kwabe sekuyanda ukungakholwa (kwabo) ukuzisola kwabo akusoze kwemukeleka futhi bona bayilabo abedukayo.
91. Ngempela labo abaphikayo bese beyafa bengakholwa (ngisho bangeza) nomhlaba wonke ugcwele igolide awusoze wemukeleka ngisho nakoyedwa wabo, noma ngabe banganikela (ngawo) njengenhlengo labo okwabo yisijeziso esibuhlungu futhi angeke babe nabasizi.

INGXENYE 4

***Isigaba seshumi (10)***

92. Anisoze nafinyelela ekulungeni ngaphandle kokuthi nichithe lokho enikuthandayo futhi noma ngabe yini eniyichithayo ngempela uMvelinqangi uyazi ngayo.
93. Konke ukudla kwakusemthethweni kubantwana bakwa-Israyeli ngaphandle kwalokho u-Israyeli (u-Jakobe) ayezenzele yena uqobo ukuba kungabi semthethweni ngaphambi kokuba iTorah yembulwe ithi "lethani iTora bese niyayifunda uma nineqiniso".
94. Ngakho-ke noma ngabe ngubani oqamba amanga emumva kwalokhu labo-ke bayizoni.
95. Ithi "uMvelinqangi ukhulume iqiniso ngakho-ke landela inkolo ka-Abrahamu oqotho", futhi wayengesiyena omunye walabo abakhonza izithixo.

96. Ngempela indlu (yokudumisa) yokuqala eyamiselwa abantu ileyo eseBhaka ebusisiwe futhi engumholi emihlabeni yonke jikelele.
97. Kuyona kunezimpawu ezicacile iyindawo ka-Abrahamu yokuma futhi noma ngabe ngubani ongenayo kuyona uphephile futhi kungokukaMvelinqangi ukuthi abantu bathathe uhambo olungcwele (Hajj) oluya endlini noma ngabe ubani ongakwazi ukuya khona futhi noma ngabe ngubani ophika ukholo ngakho-ke ngempela uMvelinqangi akadingi lutho okusemhlabeni.
98. Ithi, "Oh Bantu bencwadi! Kungani ningakholelwa emavesini kaMvelinqangi na? Futhi uMvelinqangi ungufakazi walokho enikwenzayo".
99. Ithi, "Oh Bantu bencwadi! Nibavimbelelani endleleni kaMvelinqangi labo abakholiwe nifuna ukuyenza ingaqondi nibe ningofakazi na? Futhi akusho ukuthi uMvelinqangi akakunakile lokho enikwenzayo".
100. Oh nina enikholwayo! uma nihlonipha iqembu kulabo ababenikwe incwadi bazoniphindisela emumva ekungakholweni emva kokuba senikholiwe.
101. Futhi kungenzeka kanjani ukuthi ningakholwa nibe nifundelwa amavesi kaMvelinqangi na? Futhi phakathi kwenu kunesithunywa sakhe na? Futhi noma ngabe ngubani obambelela ngokuqina kuMvelinqangi ngakho-ke uholelwe endleleni eqondile.
102. Oh Nina enikholiwe! Sabani uMvelinqangi njengoba kufanele kwenziwe futhi ningafi ngaphandle kokuthi nina uqobo lwenu nizinikele ngaphansi kwentando kaMvelinqangi.
103. Futhi nibambelele ngokuqina nonke kanyekanye entanjeni kaMvelinqangi (Islam) ningehlukani futhi nikhumbule ububele bukaMvelinqangi phezu kwenu ngesikhathi nibe naniyizitha (somunye nomunye) wabe esehlanganisa izinhliziyo zenu, ngobubele bakhe nabe seniba abazalwane

futhi nanisengcupheni yomgodi womlilo, wabe esenihlenga kuwona kanjalo uMvelinqangi uwenza acace amavesi akhe kunina ukuthi ningaholeleka (endleleni eqondile).

104. Futhi kufanele kube khona phakathi kwenu isizwe esimemela (kukona konke) okuhle, futhi esenza okuhle (lokho i-islam ephoqa ukuba kwenziwe) bese singakwenzi lokho okubi (lokho I-islam ekunqabelayo) futhi labo-ke abaphumelelayo.

105. Futhi ningabi njengalabo abaqembukelana futhi bangavumelani emuva kokuba sebefikelwe ubufakazi obucacile futhi labo-ke okwabo yisijeziso esikhulu.

106. (Ngalolo) suku (obunye) ubuso buyophenduka bube mhlophe obunye buyophenduka bubemnyama. Labo-ke ubuso babo obenziwe babamnyama (kuyothiwa kubona) ngakube naphika ukholo emva kokuba senikholiwe na? Ngakho-ke yizwani isijeziso ngenxa yokuthi naniphika ukholo.

107. Futhi kulabo ubuso babo obenziwe bamhlophe bayokuba semseni kaMvelinqangi bayohlala lapho ingunaphakade.

108. Lawa ngamavesi kaMvelinqangi sikufundela wona ngeqiniso, futhi uMvelinqangi akakuthandi okungesikhona ubulungiswa emihlabeni (ezidalweni zakhe).

109. Futhi kungokukaMvelinqangi konke okusemazulwini nakho konke okusemhlabeni futhi ikuMvelinqangi lapho ziyobuyela khona izimo.

***Isigaba seshumi nanye (11)***

110. Niyisizwe esingcono kakhukulu esiphakanyiselwe abantu, nenza okuhle bese nigwema ububi, futhi nikholwa kuMvelinqangi kepha ukube abantu bencwadi babekholiwe kwakuyoba ngcono kubona abanye babo bangamakholwa kepha iningi labo bangabahlubukayo.

111. Abasoze nakancane babe nobungozi kunina ngaphandle nje kokucunuka futhi uma benilwisa kuyoba nje ukufulathelisa imihlane yabo kunina futhi angeke basizwe.
112. Badunyaziwe noma ngabe ilaphi lapho betholakala khona ngaphandle (uma bengaphansi) kwentambo (isivumelwano) sikaMvelinqangi nentambo (isivumelwano) kubantu futhi bazidonsele intukuthelo kaMvelinqangi, futhi benziwe baba ize leze. Lokho kwakungenxa yokuthi babephika amavesi kaMvelinqangi futhi bebulala abaphrofethi ngokungemthetho. Lokho kwakungenxa yokuthi babengahloniphi futhi babenza ukona.
113. Akusikhona ukuthi bayefana kubantu bencwadi kuneqembu elimele okuhle (eliqotho) elifunda amavesi kaMvelinqangi ngezikhathi zasebusuku futhi bekhothama (emthandazweni).
114. Bayakholwa kuMvelinqangi naselangeni lokugcina futhi benza okuhle begwema ububi bancintisane ngokwenza izenzo ezinhle futhi labo-ke baphakathi kwabalungileyo.
115. Futhi noma ngabe yini enhle abayenzayo ayisoze yenqatshwa (yangamukeleki) futhi uMvelinqangi Uyazi ngabamesabayo.
116. Ngempela labo abangakholwa umcebo wabo nezingane zabo akusoze kwabasiza ngalutho kuMvelinqangi futhi labo-ke bangabanqwamani nomlilo bayokuba kuwo ingunaphakade.
117. Ukufana kwalokho abakuchithayo kulempilo yakulomhlaba kunjengomoya obanda kakhulu obhubhise isivuno sabantu abazonele bona uqobo lwabo kube sekubhubha futhi uMvelinqangi akazange abenze okungalungile kepha imiphefumulo yabo eyenze okungalungile.
118. Oh nina enikholiwe! Ningathathi abanye (abantu) njengabaluleki (benu) ngaphandle kwenu (abakholwayo) njengoba bezama ngamandla abo onke ukunifaka ebunzimeni, banifisela lokho okunihluphayo, sebeze baqala ukuveza inzondo ngemilomo yabo, futhi nalokho okufihlekile

ezifubeni zabo kukhulu kakhulu futhi sinenzele izimpawu zacaca uma nisebenzisa umqondo

119. Nina niyilabo ababathandayo kepha bona abanithandi nibe nikholelwa kuyona yonke incwadi (ngobunjalo bayo), futhi uma behlangana nani bathi "siyakholwa" kepha uma sebebodwa baluma izihloko zeminwe yabo ngani ngolaka olukhulu, ithi "felana olakeni lwenu", ngempela uMvelinqangi uyisazi salokho okusezifubeni.

120. Uma okuhle kunehlela baphatheka kabi futhi uma ububi bunehlela bayakujabulela. Kepha uma nibekezela futhi nesabe (uMvelinqangi) ubuqili babo angeke bube nabungozi nakancane kunina. Ngempela uMvelinqangi ukungamele lokho abakwenzayo.

***Isigaba seshumi nambili (12)***

121. Futhi (khumbula) ngesikhathi uphuma emndenini wakho ekuseni ukuyokwabela abakholwayo izindawo zabo zempi (yase-uHud) futhi uMvelinqangi uyezwa uyazi.

122. (Khumbula) ngesikhathi lapho amaqembu amabili phakathi kwenu esebunzimeni eseqala ukulahlekelwa ithemba kodwa uMvelinqangi waba ngumvikeli wawo womabili, futhi ikuMvelinqangi lapho abakholwayo kufanele babeke khona ithemba.

123. Futhi uMvelinqangi wanisiza (empini) yaseBadar nibe naningenawo amandla (naniyisibalo esincane). Ngakho-ke sabani uMvelinqangi mhlawumbe ningaba nokubonga.

124. (Khumbula) ngesikhathi uthi kwababakholwayo ngakube akunenelisi yini ukuthi inkosi yenu inisize ngezingelosi eziyizinkulungwane ezintathu ezathunyelwa phansi na?

125. Yebo, uma nibekezela futhi nesaba uMvelinqangi (izitha zenu) ziza kunina (ukuzonihlasela) ngolaka olukhulu iNkosi

yenu iyonisiza (ngokuthumela) izingelosi eziyizinkulungwane ezinhlanu.

126. Futhi uMvelinqangi akakwenzanga nje ngaphandle kokuthi kube (uphawu) lezindaba ezimnandi kunina futhi ukuze izinhliziyo zenu zikhululeke ngakho futhi akukho ukunqoba ngaphandle kokuvela kuMvelinqangi ophakeme ngamandla, onobuhlakani.

127. Ukuze anqamule iqembu lalabo abangakholwa noma abehlise ukuze baphendukele emuva bedikibele.

128. Akusisona esakho isinqumo (Oh Mohammad! kodwa esikaMvelinqangi) noma uyabathethelela noma uyabajezisa ngempela bona bayizoni.

129. Futhi kungokukaMvelinqangi konke okusemazulwini nakho konke okusemhlabeni uthethelela lowo amthandayo futhi ajezise lowo amthandayo futhi uMvelinqangi uyathethelela unesihawu.

## *Isigaba seshumi nantathu (13)*

130. Oh Nina enikholiwe! Ningadli inzalo yemali ebolikiwe ephindwe kabili futhi ephindwe kaningingingi nesabe uMvelinqangi ukuze niphumelele.

131. Futhi sabani umlilo olungiselelwe abangakholwa.

132. Futhi hloniphani uMvelinqangi nesithunywa ukuze mhlawumbe nikhonjiswe umusa.

133. Futhi qhudelelanani endleleni (eniholela) entethelelweni evela enkosini yenu nesivande (ePardisi) esibanzi njengamazulu nomhlaba esilungiselelwe abalungileyo.

134. Labo abasebenzisa (endleleni kaMvelinqangi) ebuhleni noma ebunzimeni futhi babambe intukuthelo (yabo) bese bethethelela abantu futhi uMvelinqangi uyabathanda abenzi bokuhle.

135. Nalabo okuthi uma benze okubi noma benze okubi emiphefumulweni yabo, bakhumbule uMvelinqangi bese becela ukuthethelelwa izono zabo, ubani ongathethelela izono ngaphandle kukaMvelinqangi na? Futhi abaphikeleli (abaqhubeki) kulokho abakwenzile bebe bekwazi.
136. Labo-ke umvuzo wabo intethelelo evela eNkosini yabo nezivande okugeleza ngaphansi kwazo imifula bayohlala khona ingunaphakade futhi muhle kakhulu umvuzo wezisebenzi (ezenza okuhle).
137. Izimo ezifana nalezo (zenu) esezadlula ngaphambilini kwenu ngakho-ke hambani emhlabeni ukuze nibone ukuthi sasinjani isiphetho salabo ababephika (ababeqamba amanga).
138. Lena (iQur'an) eyenza kucace kubantu engumholi, engumyaleli ebantwini abesaba uMvelinqangi.
139. Ngakho ningabi ngababuthakathaka futhi ningakhathazeki nina uqobo lwenu niyokuba phezulu ngezinga uma ningabakholwa (ngeqiniso).
140. Uma nivelelwe inxeba lisuke selivele abantu inxeba elifana nalelo, futhi kulezi zinsuku sinika abantu amathuba ukuze uMvelinqangi azi labo abakholwayo bese ethatha kunina labo abafela ukholo futhi uMvelinqangi akazithandi izoni.
141. Futhi ukuthi uMvelinqangi angahlanza labo abakholwayo bese ebhubhisa abangakholwa.
142. Noma Nicabanga ukuthi niyongena ezulwini kulapho uMvelinqangi engakahlukanisi (ngokuvivinya) phakathi kwenu abalwa endleleni yakhe futhi engakabazi (ngokubavivinya) ababekezelayo.
143. Futhi ngempela nakufisa ukufa ngaphambi kokuba nihlangane nakho kepha manje senikubonile nina uqobo lwenu ngesikhathi nibhekile.

## Isigaba seshumi nane (14)

144. Futhi akukho okungaphezu kukaMuhammad ngaphandle kokuthi uyisithunywa ezinye izithunywa sezadlula ngaphambili kwakhe. Uma-ke engase afe noma abulawe ngakube ningafulathelisa izithende zenu (bese ningakholwa) na? Futhi noma ngubani ofulathela ngezithende zakhe akasoze amlimaza nakancane uMvelinqangi futhi uMvelinqangi uyabaklomelisa ababongayo.
145. Futhi angeke kwenzeke ukuthi umuntu afe ngaphandle kwentando kaMvelinqangi ngesikhathi esinqunyiwe, futhi noma ngabe ubani ofuna umvuzo wasemhlabeni siyomnika wona futhi noma ngabe ubani ofuna umvuzo wempilo ezayo siyomnika wona futhi siyoklomelisa ababongayo.
146. Futhi bangaki abaphrofethi abalwa kanye naye iningi lezifundiswa ngenkolo kodwa babengadikibali ngenxa yobunzima ababenqwamana nakho endleleni kaMvelinqangi futhi babengabi buthakathaka noma ngisho bazehlise futhi uMvelinqangi uyabathanda ababekezelayo.
147. Abazange basho lutho ngaphandle kokuthi bathi "Nkosi yethu sithethelele izono zethu neziphambuko ekuziphatheni kwethu futhi uqinise ukubambelela kwezinyawo zethu, futhi senze ukuba sibanqobe abantu abangakholwayo.
148. Ngakho-ke uMvelinqangi wabanikeza umvuzo wakulelizwe kanye nomvuzo omuhle wempilo yakwelizayo ngokuba uMvelinqangi uyabathanda abenzi bokuhle.

## Isigaba seshumi nanhlanu (15)

149. Oh nina enikholwayo! uma nihlonipha labo abangakholwanga bayokwenza ukuthi izithende zenu ziphenduke zibheke emuva ngakho-ke niyophendukela emuva ningabalahlekelweyo.

150. Kodwa uMvelinqangi ungumvikeli wenu futhi yena ungumsizi ongcono obedlula bonke.
151. Siyophonsa ukwesaba ezinhliziyweni zalabo abangakholwa ngenxa yokwenzela kwabo uMvelinqangi izimbangi ekumdumiseni akazange nakancane alehlise igunya lokwenza lokho, indawo yabo umlilo futhi yimbi indawo yezoni.
152. Futhi ngokungangabazeki uMvelinqangi wasigcina isethembiso sakhe kunina ngesikhathi nibabulala ngemvume yakhe, naze nalahlekelwa umdlandla futhi naphikisana ngomyalelo (enaniwunikiwe) nangahloniphi emuva kokuba esenikhombisile lokho enikuthandayo phakathi kwenu, kukhona abathanda lomhlaba futhi phakathi kwenu kukhona abathanda impilo yakwelizayo, ngakho-ke wabe eseyaniqhelelanisa kubona ukuze anivivinye futhi usenithethelele, uMvelinqangi ungumnini womusa (kubantu) abakholwayo.
153. Futhi (Khumbulani) ngesikhathi nikhuphuka entabeni ngaphandle kokubuka (omunye) umuntu eceleni nesithunywa sinibiza ngemuva ngakho-ke (uMvelinqangi) waninika usizi phezu kosizi ukuze ningaphatheki kabi ngenxa yalokho osekwanedlula nangenxa yalokho okwanehlela futhi uMvelinqangi ukwazi kahle lokho enikwenzayo.
154. Ngakho-ke emuva kosizi wathumela ukuphepha phezu kwenu, ingxenye yenu yathathwa ubuthongo kepha enye ingxenye yayicabangela imiphefumulo yayo bacabanga ngoMvelinqangi okungesilona iqiniso, imicabango yokungazi bathi "ngakube siphathelene yini naloludaba na? Ithi ngempela udaba lonke lungolukaMvelinqangi, Bayakufihla emiphefumulweni yabo lokho abangeke bakuveze kuwena bathi "uma besingenza okuthize kuloludaba ngabe asizange sibulawe lapha ithi " noma ngabe benisezindlini zenu labo ababe ngunyelwe lelo bizo (lokufa) belizobafikela endaweni yabo yokufa, ukuze uMvelinqangi avivinye lokho okusezifubeni zenu futhi

ahlanze lokho okusezinhliziyweni zenu futhi uMvelinqangi uyisazi salokho okusezifubeni (okusezinhliziyweni zenu).

155. Ngempela labo kunina abaphendukela emuva ngelanga kuhlangana amabutho amabili (empini yase uHud) ngempela uSathane owenza ukuba bashelele ngenxa yezinye zezinto ababezizuzile, uMvelinqangi wayesevele usebathethelele, ngempela uMvelinqangi ungothethelelayo, obekezelayo.

## *Isigaba seshumi nesithupha (16)*

156. Oh nina enikholwayo! Ningazifanisi njengalabo abangakholwanga futhi bathi kubazalwane babo uma behamba ezweni noma uma babeye empini ukube babekanye nathi ngabe abazange bafe noma babulawe, ngakho-ke uMvelinqangi wakwenza lokho kwaba ukuzisola okusezinhliziyweni zabo futhi nguMvelinqangi ophilisayo (osipha impilo) nodala ukufa futhi uMvelinqangi uyakubona lokho enikwenzayo.

157. Uma nibulewe noma nifile, endleleni kaMvelinqangi ngempela intethelelo ivela kuMvelinqangi nomusa, kungcono kakhulu kunalokho abakuqoqela (ndawonye).

158. Futhi noma ngabe nifile noma nibulewe ngempela niyohlanganiswa ndawonye kuMvelinqangi.

159. Kungenxa yomusa kaMvelinqangi ukuthi ubenobubele kangaka kubona kanti uma bewukade ubaphethe ngesandla esiqinile (ngesihluku) futhi unenhliziyo ebukhuni, ngabe baqhelelana nawe ngakho-ke bathethelele ubacelele uxolo, ubonisane nabo odabeni, ngakho-ke uma sewuthathe isinqumo beka ithemba lakho kuMvelinqangi ngempela uMvelinqangi uyabathanda labo ababeka ithemba (labo kuyena).

160. Uma uMvelinqangi enisiza akukho okunganinqoba khepha uma enishiya ngubani lowo oyonisiza ngemuva kwakhe na? Futhi LikuMvelinqangi lapho bebeka khona ithemba abakholwayo.

161. Akusikhona kwanoma yimuphi umphrofethi ukuthi angenza ukungathembeka futhi noma ngabe ngubani owenza ukungathembeki, uyoletha lokho angazange athembeke ngakho ngelanga lokuvuka kwabafileyo, ngakho-ke yonke imiphefumulo iyovuna izithelo zalokho ekutshalileyo, futhi bona angeke baphathwe ngendlela engafanele.

162. Ngakube lowo ofuna injabulo kaMvelinqangi uyefana yini kanye nalowo ozidonsela intukuthelo kaMvelinqangi na? Futhi ikhaya lakhe yisihogo futhi sibi (leso) siphetho.

163. Bona basemazingeni (ahlukehlukene) emehlweni kaMvelinqangi, futhi uMvelinqangi uyakubona lokho abakwenzayo.

164. UMvelinqangi ubaphe umusa abakholwayo uma ethumela isithunywa phakathi kwabo kubona uqobo, esibafundela amavesi akhe siyabahlanza futhi sibafundisa incwadi nobuhlakani ngempela ngaphambilini babesebumnyameni (ekudukeni) ngokusobala.

165. Kungani uma nehlelwe yisehlo (esibi) kanye (bese niphatheka kabi) nibe nabazwisa (abayizitha zenu) ngokuphindwe kabili kunalokho ngobunzima nathi "kuvelaphi lokhu na?" Ithi kuvela emiphefumulweni yenu uqobo (ngenxa yezono zenu) ngempela uMvelinqangi unamandla ngaphezu kwazo zonke izinto.

166. Futhi okwanehlela ngosuku kuhlangana amabutho amabili, lokho kwakungokwentando kaMvelinqangi ukuze azi abakholwayo (ngokweqiniso).

167. Futhi ukuze azi labo abangabazenzisi, kwabe sekuthiwa kubona, "wozani, nilwe endleleni kaMvelinqangi noma nizivikele" bathi, "ukube besisazi ukuthi kuzoliwa besizonilandela" bona kwakuseduzane kakhulu kubona ukungakholwa kunokukholwa ngalelolanga futhi uMvelinqangi uyakwazi kangcono lokho abakufihlayo.

168. Yilabo abakhuluma ngababfowabo (ababulawa) ngesikhathi bona uqobo behleli (emakhaya abo), ukube babesihloniphile (babesilalelile) babengeke babulawe. Ithi qhelelanisani imiphefumulo yenu nokufa uma nina nineqiniso.
169. Futhi nize ningacabangi ngalabo ababulawe endleleni kaMvelinqangi njengabafile, cha! Bangabaphilayo baseNkosini yabo bayondliwa.
170. Bajabulile ngalokho uMvelinqangi abanike kona ngobubele bakhe, bajabulela labo (abayofela enkolweni) emuva kwabo labo abangakahlangani nabo ukuthi angeke kubekhona ukwesaba kubona futhi bona angeke baphatheke kabi.
171. (Bathola) izindaba ezimnandi ngobubele obuvela kuMvelinqangi nomusa futhi uMvelinqangi akawuvumeli ukuthi umvuzo wabakholwayo ulahlekele.

***Isigaba seshumi nesikhombisa (17)***

172. Labo abaphendula (ekumenyezweni) nguMvelinqangi nesithunywa emuva kokuba sebethole ukulimala, labo abenza okuhle phakathi kwabo futhi basabe uMvelinqangi okwabo ngumvuzo omkhulu.
173. Labo abantu abathi kubona ngempela abantu sebehlangene ndawonye ukuze babhekane nani, ngakho-ke basabeni lokho kwanezezela ukholo lwabo futhi bathi "uMvelinqangi usanele (yena) ungumchithi wezindaba ongcono".
174. Ngakho-ke babuya ngobubele nomvuzo ovela kuMvelinqangi, abukho okubi okwabathinta (okwabavelela) futhi balandela injabulo kaMvelinqangi, uMvelinqangi ungumnini womvuzo omkhulu.
175. Ngempela ngusathane uqobo lwakhe ophakamisa ukuthi nesabe abalandeli bakhe, ngakho-ke ningabesabi kepha nesabe mina uma nina ningabakholwayo.
176. Futhi abangakukhathazi labo abajaha ukungakholwa ngempela bona abasoze nakancane babe nobungozi ngalutho

kuMvelinqangi, uMvelinqangi uthanda ukungababeli ingxenye empilweni yakwelizayo futhi okwabo yisijeziso esibuhlungu.

177. Ngempela labo abathenga (abakhetha) ukungakholwa (esikhundleni) sokukholwa abasoze babe nobungozi ngalutho kuMvelinqangi futhi okwabo yisijeziso esibuhlungu.

178. Futhi labo abangakholwa abangacabangi ukuthi ukubanika kwethu ithuba kuhle emiphefumulweni yabo, kepha ukubanika kwethu ithuba ukuze baqhubeke nokwenza isono futhi okwabo yisijeziso esidumazayo.

179. Angeke uMvelinqangi ashiye abakholwayo kuleso (simo) nina enikusona kuze kube uhlukanisa izoni kwabalungileyo futhi uMvelinqangi angeke anivezele (imfihlo) yokungabonwayo kepha uMvelinqangi ukhetha ezithunyweni zakhe lowo amthandayo, ngakho-ke kholwani kuMvelinqangi nasezithunyweni zakhe uma nikholwa futhi niqotho (nesaba uMvelinqangi) ngakho-ke okwenu umvuzo omkhulu.

180. Futhi labo abancishanayo ngalokho uMvelinqangi abaphe kona ngomusa wakhe bacabanga ukuthi kulungile kubona kodwa kube kunobubi obukhulu kubona, bayothandelwa ngalokho ababencishana ngakho ngosuku lokuvuka kwabafileyo nokuthi kungokwefa likaMvelinqangi (konke) okusemazulwini nokusemhlabeni futhi uMvelinqangi unolwazi ngalokho enikwenzayo.

***Isigaba seshumi nesishiyagalombili (18)***

181. UMvelinqangi uyizwile inkulumo yalabo abathi "ngempela uMvelinqangi umpofu kepha thina siyizicebi, siyoloba lokho abakushilo kanye nokubulala kwabo abaphrofethi ngokungemthetho futhi siyothi yizwani isijeziso somlilo ovuthayo.

182. Lokho kungenxa yalokho okwathunyelwa yizandla zenu ngaphambili futhi akusikona ukuthi uMvelinqangi akanabulungiswa ezincekwini (zakhe).
183. Labo abathi, "Ngempela uMvelinqangi wenze isithembiso kuthina ukuthi singakholelwa kunoma yisiphi isithunywa kuze kube sisilethela umnikelo odliwa umlilo, ithi senake nafikelwa izithunywa ngaphambilini kwami, nobufakazi obucacile (ngisho) nalokho, enikhuluma ngakho, ngakho-ke kwakungoba yini nababulala uma nineqiniso na?
184. Ngakho-ke uma bekuphika, nezithunywa zaziphikwa kanjalo ngaphambilini kwakho, zafika nezimpawu ezicacile nemibhalo yemithetho, nencwadi ekhanyisayo (eqondisayo).
185. Yonke imiphefumulo iyozwa ukufa, futhi kuphela niyonikwa imivuzo yenu ngosuku lokuvuka kwabafileyo, ngakho-ke noma ngabe ngubani oqhelelene nomlilo uyongeniswa ezulwini (ngempela) ungophumeleleyo futhi impilo yakulomhlaba ayilutho ngaphandle kobumnandi benkohliso.
186. Ngempela niyovivinywa ngengcebo yenu, nangemiphefumulo yenu uqobo, futhi ngempela niyozwa ngalabo ababenikwe incwadi ababengaphambilini kwenu futhi nakulabo ababenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni (bekhonza izithixo) uhlupho olukhulu kepha uma nibekezela futhi nesabe uMvelinqangi ngempela lokho kuyoba ngumnqamula juqu ezimweni.
187. Futhi (khumbulani) ngesikhathi uMvelinqangi amukela isivumelwano kulabo ababenikezwa incwadi ukuze bayichazele abantu ngokusobala futhi bangayifihli kodwa bona bayintshinga ngemuva kwemihlane yabo, futhi bathenga ngayo okungeyinzuzo yalutho ngempela kubi kakhulu lokho abakuthengileyo.
188. Ningacabangi ukuthi labo abajabulela lokho abakwenzile futhi bathande ukudunyiswa ngalokho abangakwenzanga

ungabacabangeli ukuthi bayophunyuka esijezisweni, futhi bayothola isijeziso esibuhlungu.

189. Futhi ungokaMvelinqangi umbuso wamazulu nomhlaba futhi uMvelinqangi unamandla ngaphezulu kwazo zonke izinto.

***Isigaba seshumi nesishiyagalolunye (19)***

190. Ngempela ekudalweni kwamazulu nomhlaba nokuguquguquka kobusuku nemini ngempela kuyizimpawu kulabo abaqondayo.

191. Labo abakhumbula uMvelinqangi bemile noma behleli noma (belele) ngezinhlangothi zabo futhi becabanga ngokudalwa kwamazulu nomhlaba (bethi), "Nkosi yethu awukudalanga lokhu ngokungenhloso udumo malube kuwena ngakho-ke sivikele esijezisweni somlilo.

192. Nkosi yethu! Ngempela noma ngabe ubani omfaka emlilweni umhlazile futhi izoni angeke zibe nabo abasizi.

193. Nkosi yethu ngempela thina simzwile ummemezi ememela enkolweni (ethi) kholwani enkosini yenu, ngakho-ke sabe sesiyakholwa, Nkosi yethu sithethelele izono zethu nokuthi ucishe izenzo zethu ezimbi futhi senze ukuba sife kanye nabalungileyo.

194. Nkosi yethu! Futhi siphe lokho owasethembisa kona esithunyweni sakho futhi ungasihlazi ngosuku lokuvuka kwabafileyo ngempela wena awusephuli isithembiso (sakho)".

195. Ngakho-ke iNkosi yabo yabaphendula (emithandazweni yabo). Angisoze ngavumela ukuba kulahleke umsebenzi wanoma ngabe yisiphi isisebenzi phakathi kwenu, noma ngabe isilisa noma ngabe isifazane abanye benu bayingxenye yabanye, ngakho-ke labo abafuduka futhi abakhishwa emakhaya abo futhi behlushwa endleleni yami, balwa futhi babulawa ngempela ngiyosula izenzo zabo ezimbi bese ngibafaka ezivandeni okugobhoza imifula ngaphansi kwazo (lokho)

kungumvuzo ovela kuMvelinqangi futhi kuMvelinqangi kunemivuzo engcono kakhulu.

196. Nize ningakhohliswa ukuyaluza kwalabo abangakholwa ezweni.

197. Kuyinjabulo encane ngakho-ke indawo yabo yokuhlala kuyoba isihogo futhi yimbi (leyo) ndawo yokuphumula.

198. Kodwa labo abesaba iNkosi yabo okwabo yizivande okugobhoza imifula ngaphansi kwazo, bayohlala khona ingunaphakade lokho kuyinjabulo evela kuMvelinqangi futhi lokho okukuMvelinqangi kungcono kakhulu kulabo abalungile.

199. Futhi ngempela phakathi kwabantu bencwadi kukhona labo abakholwa kuMvelinqangi nakulokho okwembulwa kunina nakulokho okwembulwa kubona, bezithoba ngokuzinikela kuMvelinqangi abawathengi amavesi kaMvelinqangi ngenani elincane labo-ke okwabo umvuzo wabo useNkosini yabo ngempela uMvelinqangi ungosheshayo ekubaleni (ekwahlululeleni).

200. Oh nina enikholwayo! Bekezelani ngisho nangaphezulu kokubezela futhi nibe munye nesabe uMvelinqangi ukuze niphumelele.

# (4)
# Al-Nisa – Abesifazane

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Oh Bantu! Sabani iNkosi yenu enidalile emphefumulweni owodwa yadala kuwona umsizi wawo waphinde wenza ukuthi kuyona yomibili (imiphefumulo) kuphume abesilisa abaningi nabesifazane futhi sabani uMvelinqangi okunguyena enibuzana ngaye nezizalo (ekuyizona ezanizala) ngempela uMvelinqangi uhlala engaphezulu kwenu enigcinile.
2. Futhi nikani izintandane okwazo futhi ningashintshi okubi ngokuhle futhi ningadli okwazo (izintandane) nikwenze okwenu ngempela kona kuyisono esikhulu.
3. Futhi uma nesaba ukuthi angeke nikwazi ukwenza ubulungiswa ezintandaneni (zabesifazane) shadani abesifazane enibathandayo ababili noma abathathu noma abane, kepha uma nesaba ukuthi angeke nenze ubulungiswa (kubona) ngakho-ke (shadani kuphela) noyedwa noma lokho okuphethwe yisandla senu sangakwesokudla lokhu (kwenzelwe) ukuthi ukuze ningachezukeli (ekungenzini ubulungiswa).
4. Futhi nikani abesifazane (enizoshada nabo) izipho zabo ngenhliziyo enhle, kepha uma bona (abesifazane) benifisela ingxenye yokuthi kwakho kudleni futhi nikuthokozele ngaphandle kokusaba ubungozi.
5. Futhi ningayiniki iziwula ingcebo yenu okuyiyona uMvelinqangi ayenze yaba yisondlo senu. Futhi bondleni ngayo (ingcebo) nibagqokise ngokunjalo futhi nikhulume kubona inkulumo ngendlela efanele neyakhayo.
6. Futhi vivinyani izintandane zize zifike ebangeni lokuthi zishade, ngakho-ke uma senikwazile ukubehlulela

kwangempela umqondo (wabo) abakhokhelwe ingcebo yabo (ifa), futhi ngingayidli (ingcebo yabo) ngokuyimosha nangokushesha ngokuthi zizokhula futhi noma ngabe ubani oyisicebi akaqhelelane (nokuthatha imali) kepha lowo ompofu akadle (akayithathe) ngendlela enobulungiswa kepha uma senizikhokhela ingcebo yazo (ifa) lethani ofakazi phambili kwazo (izintandane) futhi uMvelinqangi wanele njengombali.

7. Emadodeni kunesabelo kokwashiywa abazali nezihlobo ezisondele, nakwabesifazane kunesabelo kokwashiywa abazali nezihlobo ezisondele, noma ngabe sincane noma ngabe sikhulu isabelo esiyimpoqo.

8. Uma abayizihlobo nabayizintandane nabaswele bekhona ekwahlukaniseni, babeleni kukona futhi nikhulume nabo amazwi ngendlela enobulungiswa.

9. Futhi akube ngukuthi labo (abahlukanisa ifa nabagadi) besabe (ukungenzi ubulungiswa) okungathi ukube bebeshiye ngemuva inzalo ebuthakathaka babezoba novalo ngayo, ngakho-ke mabesabe uMvelinqangi futhi bakhulume inkulu elungileyo.

10. Ngempela labo abadla impahla yezintandane ngokungesikhona ubulungiswa kuphela nje badla umlilo eziswini zabo futhi bayosha emlilweni (wesihogo).

***<u>Isigaba sesibili (2)</u>***

11. UMvelinqangi uyaniphoqa mayelana nezingane zenu (mayelana nengxenye yefa lazo) isabelo sowesilisa silingana nesabelo sabesifazane ababili, kepha uma abesifazane (amadodakazi) emabili noma engaphezu kwamabili isabelo sawo sefa okubili kokuthathu kokwashiywa (oshonile) kepha uma emunye okwakhe ingxenye yefa futhi okwabazali bakhe ngamunye wabo okuyisithupha efeni kulokho akushiyile, uma eshiye ingane kepha uma engayishiyanga ingane ifa lakhe

lidliwa abazali, okukamama wakhe okunye kokuthathu (efeni) uma lowo oshonile enabafowabo ngakho-ke okukamama wakhe okuyisithupha (konke lokhu kwaba) kwenziwa emuva kokukhokha okwasalayo okungase kube uyakukhokha okuyifa noma isikweletu, anazi ukuthi ubani osondele kakhulu kunina mayelana nokuzuza (efeni) abazali benu noma izingane zenu, (lezi zabelo) ziyimpoqo evela kuMvelinqangi. Ngempela uMvelinqangi ungowaziyo unobuhlakani.

12. Futhi okwenu yingxenye yalokho okushiywa amakhosikazi enu uma kungukuthi awanayo ingane. Uma kungukuthi awanayo ingane isabelo senu yingxenye eyodwa kokune kuloko akushiyile (amakhosikazi enu) lesisabelo senziwa emuva kokukhokhela okwasalayo okungase kube uyakukhokha okuyifa noma isikweletu, futhi okwawo (amakhosikazi enu) yingxenye eyodwa kokune kulokho enikushiyile uma kungukuthi aninayo ingane. Kepha uma kungukuthi ninayo ingane okwawo (amakhosikazi enu) yingxenye eyodwa kokuyisishiyagalombili kulokho enikushiyile (lezo zabelo zenziwa) emuva kokukhokhwa kokwasalayo okungase kube uyakukhokha okuyifa noma isikweletu. Kepha uma kungukuthi indoda noma owesifazane engenazo izingane noma abazali ashiye ifa kepha enomfowabo noma udadewabo ngakho-ke ngamunye-ngamunye kubona uthola isabelo sokuyisithupha kepha uma kungukuthi baningi ngaphezu kwalokho bazohlukaniselana kokuthathu (lezo zabelo zenziwa) emva kokukhokhwa kokwasalayo okungase kube uyakukhokha okuyifa noma isikweletu inqobo nje uma kungekho bungozi (obudalekile) lokhu kuyimpoqo evela kuMvelinqangi futhi uMvelinqangi uyazi uyabekezela.

13. Lezi yizinqumo zikaMvelinqangi futhi noma ngabe ubani ohlonipha uMvelinqangi nesithunywa sakhe uyomngenisa ezivandeni okugobhoza ngaphansi kwazo imifula bayohlala khona ingunaphakade futhi lokhu kungukunqoba okukhulu.

14. Futhi noma ngabe ubani ongamhloniphi uMvelinqangi nesithunywa sakhe bese eqe izinqumo zakhe uyomfaka emlilweni uyohlala kuwona ingunaphakade futhi uyothola isijeziso esidumazayo.
15. Futhi labo abesifazane benu abenza okungalungile baletheleni ofakazi abane phakathi kwenu ngakho-ke uma befakaza iqiniso (ngabo) bavaleleni (abesifazane) ezindlini kuze kube ngukuthi bathathwa ukufa noma uMvelinqangi ubenzela (enye) indlela.
16. Futhi labo ababili kunina abenza izenzo ezingalungile ngakho-ke bajeziseni bobabili uma bezisola futhi bezilungisa bona, ngakho-ke bayekeni bobabili ngempela uMvelinqangi ungokwamukelayo ukuzisola unesihawu.
17. UMvelinqangi wamukela kuphela ukuzisola kwalabo abenza okubi bengazi bese becela intethelelo maduzane labo-ke bayilabo uMvelinqangi abathethelelayo futhi uMvelinqangi ungowaziyo unobuhlakani.
18. Ukuphenduka akusikhona okwalabo abaqhubeka nokwenza izenzo ezimbi kuze kuthi uma esefikelwa ukufa omunye wabo bese ethi, "manje sengiphendukile futhi hhayi labo abafa bengesiwona amakholwa labo-ke sibalungiselele isijeziso esibuhlungu.
19. Oh Nina enikholwayo! akusiwona umthetho kunina ukuthi nithathe abesifazane njengefa bengathandi, futhi ningabaphathi kabi (abesifazane) ukuze nithathe ingxenye yalokho (isipho sokushada) enabanika sona ngaphandle kokuba uma benza izenzo ezimbi ngokusobala, futhi hlalani nabo ngendlela efanele kepha uma ningabathandi kungenzeka ukuthi ningakuthandi okuthize kepha uMvelinqangi enibekele okuhle kakhulu kukona.
20. Futhi uma nifisa ukuthatha omunye unkosikazi esikhundleni somunye unkosikazi nibe nanika oyedwa wabo (abesifazane) isipho esikhulu (somshado) nize ningabothatha lutho kusona nilubuyisele emumva ngisho nakancane ngakube nisithatha

ngendlela engafanele nengenabo ubulungiswa (lokho) kuyisono esisobala.

21. Kepha ningasithatha kanjani (isipho) abanye benu sebevele bengenile kwabanye futhi sebesithathile isivumelwano esiqinile kunina.

22. Futhi ningashadi nalabo besifazane asebake bashada nobaba benu ngaphandle kwalokho osekwenzeka ngempela kwakukubi futhi (uMvelinqangi) wakuzonda kuyindlela embi.

## *Isigaba sesine (4)*

23. Ninqatshelwe ukuthi (nishade) nomama benu, namadodakazi enu, nabodadewenu, nodadewabo kababa wakho, nodadewabo kamama wakho, namadodakazi kamfowenu, namadodakazi kadadewenu, nomama benu okuyibona abanincelisa, nobodadewenu okuyibona abancelisiwe omama benu (bengazalwa yibona) nabakhwekazi benu, namadodakazi angaphansi kwesandla senu (agadwe yinina) azalwa amakhosikazi enu eniwangenile, kepha uma ningazange niwangene (amakhosikazi) ngakho-ke akuyisona isono kunina, amakhosikazi amadodana ekungawokhalo lwenu, futhi nithatha odade ababili (ukuze nishade nabo) kanyekanye ngaphandle kwalokho osekwadlula ngempela uMvelinqangi ungothethelelayo onesihawu.

24. Futhi (nenqatshelwe bonke) abesifazane abashadile ngaphandle kwalabo abasezandleni zenu zangakwesokudla (lona ngumthetho) olotshwe nguMvelinqangi kunina futhi (bonke) bavumelekile

kunina ngaphandle kwalabo, inqobo nje uma nifuna (ukushada nabo nibanikeni isabelo) engcebweni yenu nibe msulwa ningenzi ukulalana okungekho emthethweni futhi noma ngabe yini enijabulisayo kubona ngakho-ke banikeni

INGXENYE 5

inkokhelo yabo (okuyisipho sabo lona) ngumthetho oyisibopho futhi akusilona icala kunina kulokho enivumelana ngakho emva komthetho oyisibopho ngempela uMvelinqangi wazi konke unobuhlakani.

25. Futhi noma ngabe ubani phakathi kwenu ongakwazi ukushada nabesifazane abakhululekile abakholwayo ngakho-ke (angashada) nalabo abasezandleni zenu zangakwesokudla (abesifazane abayizigqila) abakholwayo futhi uMvelinqangi ungowazi kangcono ngokholo lwenu, (abakholwayo) bangabanye babanye ngakho-ke shadani nabo ngemvume yabanini babo (labo ababagadile) futhi nibanike okuyisabelo sabo (isipho somshado) ngendlela eyamukelekile, (labo abesifazane abayizigqila kufanele) babemsulwa, bangabi yilabo abahlangana (nabesilisa) ngokungesiwona umthetho, noma bangabi abesifazane abanabangani besilisa, kepha uma sebesemshadweni uma bephinga ngakho-ke okwabo yingxenye yesijeziso sabesifazane (abangashadile) abakhululekile, lokhu okwalowo kunina owesaba ubungozi kodwa kungcono kakhulu kunina ukuba nibekezele futhi uMvelinqangi ungothethelelayo onesihawu.

***Isigaba sesihlanu (5)***

26. UMvelinqangi uthanda ukunenzela kugqame (phakathi kokuhle nokubi) futhi aniholele endleleni yalabo ababengaphambilini kwenu futhi amukele ukuzisola kwenu uMvelinqangi uyazi unobuhlakani.
27. UMvelinqangi uthanda ukuba amukele ukuzisola kwenu kepha labo abalandela izinkanuko (zabo) bathanda ukuniphambukisa ukuphambuka okukhulu.
28. UMvelinqangi uthanda ukunenzela lula (ubunzima) enikubona futhi umuntu wadalwa waba buthakathaka.

29. Oh nina enakholwayo! Ningaboyidla ingcebo yenu phakathi kwenu ngezindlela ezingenabo ubulungiswa ngaphandle uma kungukuhweba kube kuyisivumelwano phakathi kwenu, futhi ningazibulali ngempela uMvelinqangi ngasosonke isikhathi unesihawu kunina.

30. Futhi noma ngabe ngubani owenza lokho wenza ubutha nokungesikhona ubulungiswa, siyomphonsa emlilweni futhi lokho kuyinto elula kakhulu kuMvelinqangi.

31. Uma niqhelelana nokwenza izono ezinkulu lezo enenqatshelwe ukuzenza siyocima izono zenu futhi siningenise esangweni elihloniphekile (ezulwini).

32. Futhi ningakufisi lokho uMvelinqangi enze ngako ukuthi abanye benu bedlule abanye, emadodeni kunesabelo kulokho akuzuzile futhi nakwabesifazane kunesabelo kulokho abakuzuzile futhi celani ububele bukaMvelinqangi ngempela uMvelinqangi ngasosonke isikhathi uyazi ngazozonke izinto.

33. Kubona bonke abantu sibeke izindlalifa kulokho okushiywe abazali nezihlobo futhi nakulabo enabathembisa abangasezandleni zenu zangakwezokudla banikezeni ingxenye yabo ngempela uMvelinqangi ngasosonke isikhathi ungufakazi kuzona zonke izinto.

## ***Isigaba sesithupha (6)***

34. Amadoda yiwona alondoloza abesifazane ngenxa yokuthi uMvelinqangi wenze abanye babo ukuthi bedlule abanye (ngezinga) futhi nangenxa yalokho abakuchithayo engcebweni yabo, ngakho-ke abesifazane abalungile yilabo abazinikele ekuhlonipheni nokugada ukungabibikho (kwabayeni babo) njengoba uMvelinqangi ebalondolozile, futhi lawo (makhosikazi) enisaba ukungahloniphi kwawo welulekeni (kepha uma eqhubeka) niwashiye embhedeni, niwashaye

kepha uma enihlonipha ningazami izindlela zokuphikisana nawo ngempela uMvelinqangi uphakeme mkhulu.

35. Futhi uma nesaba uqhekeko phakathi kwabo bobabili ngakho-ke thumelani umahlukanisi ophuma phakathi kwabantu bakhe (owesilisa) nomahlukanisi ophuma phakathi kwabantu bakhe, uma bobabili befuna ukubuyisana uMvelinqangi ozokwenza (kube impumelelo) phakathi kwabo bobabili ngempela uMvelinqangi uyisazi unobuhlakani.

36. Futhi khonzani uMvelinqangi ningamenzele nakancane abahlanganyeli ekumkhonzeni futhi nenze okuhle kubazali, nasezihlotsheni, nasezintandaneni, nakubaswele, nakumakhelwane oseduzane nomakhelwano okude, nakulowo okanye naye oseceleni kwakho, nasesihambini, nakulabo abasezandleni zenu zangakwezokudla ngempela uMvelinqangi akabathandi abaqhoshayo nabazigabisayo.

37. Labo abancishanayo futhi bakhuthaze abantu ngokuncishana bese befihla lokho uMvelinqangi abapha kona ngomusa wakhe, futhi silungiselele abangakholwa isijeziso esiyihlazo.

38. Futhi labo abachitha ingcebo yabo ukuze babukwe ngabantu bese bengakholwa kuMvelinqangi nasosukwini lokugcina futhi noma ngabe ngubani othatha usathane njengomngane wakhe ngakho-ke ububi nguyena njengomngane (kasathane).

39. Futhi yibuphi (ubungozi) okungaba phezulu kwabo ukube babekholwe kuMvelinqangi nasosukwini lokugcina nokuthi bachithe kulokho uMvelinqangi abaphe kona futhi noma nini uMvelinqangi uyisazi ngabo.

40. Ngempela uMvelinqangi akabenzi okungesikhona ubulungiswa (ngisho noma) okungangesisindo sentwanyana encane futhi uma kunesenzo esihle uyasiphindaphinda aphinde aphe kulokho anako umvuzo omkhulu.

41. Ngakho-ke kuyoba njani uma siletha kuzona zonke izizwe ofakazi bese siletha wena ube ngufakazi kubona.

42. Ngalolosuku labo abangakholwanga futhi bangasihloniphi isithunywa, bayofisa sengathi umhlaba ungabagqiba futhi abanankulumo abangayifihlela uMvelinqangi.

***Isigaba sesikhombisa (7)***

43. Oh Nina enikholwayo! Ningasondeli emthandazweni uma nidakiwe kuze kube niyakwazi enikushoyo noma nisesimweni sejanaba (ukungahlanzeki emva kokuhlangana kobulili obungefani baze bageze umzimba wonke) ngaphandle kwalabo abahamba bedlula (endaweni yomthandazo) kuze kube nigeza (imizimba yenu yonke) kepha uma nigula noma nisohambweni noma oyedwa wenu evela endaweni yokuzikhulula noma uma nithinte abesifazane, uma ningawatholi amanzi ngakho-ke funani umhlabathi ohlanzekile bese nizisula ngawo ebusweni benu nasezandleni zenu ngempela uMvelinqangi ngasosonke isikhathi uyathethelela uyaxolela.
44. Awuzange yini ubabone labo ababenikwe ingxenye yencwadi na? Bathenga impambuko futhi bafisa sengathi ningaphambuka endleleni.
45. Futhi uMvelinqangi uzazi kahle izitha zenu nokuthi uMvelinqangi wanele njengomvikeli futhi uMvelinqangi wanele njengomsizi.
46. Phakathi kwalabo abangabamaJuda kukhona labo abahlanekezela inkulumo bayisuse kulokho eyikona futhi bathi, "sizwile sangahloniphi" futhi izwa kodwa ungezwiwa futhi bathi ra'ina (silalele nathi sizokulalela) begoqa izilimi zabo futhi becekela phansi inkolo kepha ukube bona babethe, "sizwile sahlonipha" futhi linda thina (ukuze siqonde) kwakuzoba ngcono kubona futhi kwakuzobe kufanelekile kodwa uMvelinqangi wabaqalekisa ngenxa yokungakholwa kwabo ngakho-ke abakholwa ngaphandle kwedlanzana nje.

47. Oh nina enaninikezwe incwadi! Kholelwani kulokho esakwehlisela phansi okuqinisekisa lokho eninako ngaphambilini kokuba sihlikihle ubuso sibujikise bubheke emumva noma sibaqalekise njengoba saqalekisa abephuli bomthetho weSabatha, umthetho kaMvelinqangi ngasosonke isikhathi uyagcinwa.
48. Ngempela uMvelinqangi akamthetheleli lowo owenza abahlanganyeli naye ekumkhonzeni kepha uthethelela ongakwenzi lokho lowo amthandayo futhi noma ngabe ngubani owenzela uMvelinqangi abahlanganyeni ekumkhonzeni useziqambele isono esikhulu.
49. Awukababoni yini labo abathi bamsulwa na? Kepha uMvelinqangi ohlanza lowo amthandayo futhi angeke benziwe okungenabo ubulungiswa ngisho nakancane.
50. Bheka ukuthi bamqambela kanjani uMvelinqangi amanga futhi kwanele lokho njengesono esisobala.

***Isigaba sesishiyagalombili (8)***

51. Awukababoni yini labo ababenikezwe ingxenye yencwadi na? Bakholelwa ezintweni eziyize leze nasezintweni ezingamanga ekungafanele ukuba bakholelwe kuzona esikhundleni sikaMvelinqangi futhi bathi kulabo abangakholwa "laba baholwe ngendlela (eqondile) ngaphezulu kwalabo abakholwayo".
52. Yibona labo uMvelinqangi abaqalekisile futhi, lowo nguMvelinqangi amqalekisayo awusoze wamtholela umsizi.
53. Noma banesabelo yini embusweni na? (uma kunjalo) angeke babaphe abantu ngisho nento encane.
54. Noma banomona kubantu ngalokho uMvelinqangi abaphe kona ngobubele bakhe ngakho-ke sanika umndeni ka-Abrahama incwadi nobuhlakani futhi sabanika umbuso omkhulu.

55. Ngakho-ke abanye phakathi kwabo bakholelwa kuyona kepha abanye phakathi kwabo baqhelelana nayo futhi (umlilo) wesihogo ovuthayo wanele (ukubajezisa).
56. Ngempela labo abangakholelwanga emavesini ethu siyobaphonsa emlilweni, njalo-nje uma izikhumba zabo zihanguliwe siyozishintsha ngezinye izikhumba ukuze bazwe isijeziso ngempela uMvelinqangi ngasosonke isikhathi uphakeme ngamandla unobuhlakani.
57. Futhi labo abakholwayo abenza izenzo ezilungile siyobafaka ezivandeni okugobhoza ngaphansi kwazo imifula bayohlala khona ingunaphakade, okwabo lapho kuyoba yizithandwa ezimsulwa futhi sibangenise emthunzini ojulile.
58. Ngempela uMvelinqangi uniphoqa ukuthi nenze ukuthembeka kulabo ekufanele nikwenze kubona futhi uma nehlulela phakathi kwabantu nehlulele ngobulungiswa ngempela ubuhle obukhulu yilokhu uMvelinqangi anifundisa ngakho, ngempela uMvelinqangi ngasosonke isikhathi uyezwa uyabona.
59. Oh nina enikholwayo! Hloniphani uMvelinqangi futhi nihloniphe nesithunywa nalabo phakathi kwenu abayiziphathimandla uma niphikisana ngokuthize ngakho-ke kudluliseleni kuMvelinqangi nasesithunyweni uma nina nikholwa kuMvelinqangi nasosukwini lokugcina lokho kuhle kakhulu kunomphumela omuhle kakhulu.

***Isigaba sesishiyalolunye (9)***

60. Awukababoni yini labo abenza sengathi bona bakholelwa kulokho okwembulwa kuwena nakulokho okwembulwa ngaphambilini kwenu? Bathanda ukuthi bathathe isinqumo basibhekise ezithixweni bekade baphoqwa ukuthi bangakholelwa kuzona futhi usathane ufisa ukubaholela ekudukeni okukude le!

61. Futhi uma kuthiwa kubona, "wozani kulokho uMvelinqangi akwembulile nasesithunyweni" ubona abazenzisi bekufulathela beqhelelana (nako).
62. Kepha kuyoba njani uma behlelwe yisehlo ngenxa yalokho izandla zabo ezikuthumele ngaphambili bese beza kuwena befunga ngoMvelinqangi bethi, "besingaqonde lutho ngaphandle kobuhle nokubuyisana (ukuzwana)".
63. Labo-ke yilabo (abazenzisi) akwaziyo uMvelinqangi lokho okusezinhliziyweni zabo. Ngakho – ke qhelelanani nabo nibayale futhi nikhulume nabo inkulumo eqotho mayelana nemiphefumulo yabo.
64. Futhi asisithumelanga isithunywa ngaphandle kokuthi sihlonishwe ngentando kaMvelinqangi noma ngabe bona benze okubi emiphefumulweni yabo beza kuwena becela intethelelo kuMvelinqangi kepha nesithunywa sabacelela intethelelo, babengamthola uMvelinqangi elamukela uxolo lwabo enesihawu.
65. Kodwa cha ngeNkosi yenu angeke bakholwe (ngokweqiniso) kuze kube bakwenza umehluleli kulokho abaphikisana ngakho phakathi kwabo futhi abazange bathole lutho ezinhliziyweni zabo okungavimba kulokho okunqumile futhi bamukeleni ngokuzithoba.
66. Futhi noma ngabe besibamisele ukuthi bazibulale bona uqobo lwabo noma niphume emakhaya enu abazange bakwenze lokho ngaphandle kwedlanzana kubona futhi noma ngabe bona bakwenzile lokho ababetshelwe kona ukuba bakwenze kwakuzoba ngcono kubona futhi kuqinisekile kakhulu.
67. Futhi ngempela sasizobanika umvuzo omkhulu ovela kuthina.
68. Futhi sasizobaholela endleleni eqondile.
69. Futhi noma ngabe ngubani ohlonipha uMvelinqangi nesithunywa ngakho-ke labo bakanye nalabo uMvelinqangi ehlisele phezulu kwabo izibusiso zakhe abavela phakathi

kwabaphrofethi nababambelele eqinisweni nabafela ukholo nabalungileyo labo-ke bangabangane bekhethelo.

70. Lokho kungububele obuvela kuMvelinqangi futhi uMvelinqangi wanele njengesazi.

***Isigaba seshumi (10)***

71. Oh nina enikholwayo! Qaphelani noma niya phambilini (empini) ningamaqembu noma niyaphambili nonke kanyekanye.

72. Futhi uma kungukuthi phakathi kwenu kunalowo osalela ngemumva ngakho-ke uma nehlelwa yisigameko uthi, "uMvelinqangi ungibusisile ngokuthi ngingabi kanye nabo".

73. Kepha uma nehlelwe umusa ovela kuMvelinqangi ngempela babezothi kungathi akuzange kube khona lutho phakathi kwenu naye Oh! ngifisa sengathi ngangikanye nabo ngakho-ke ngangizozuza inzuzo enkulu.

74. Ngakho-ke mabalwe endleleni kaMvelinqangi labo abathengisa (abakhetha) impilo yakulomhlaba esikhundleni sempilo yakwelizayo futhi noma ngabe ngubani olwa endleleni kaMvelinqangi noma ngabe angabulawa noma anqobe ngakho-ke siyomnika umvuzo omkhulu.

75. Futhi kungoba yini ningalwi endleleni kaMvelinqangina? Nabacindezelekile phakathi kwamadoda nabesifazane nezingane labo abathi, "Nkosi yethu sikhiphe kuledolobha abantu balo abangabacindezeli futhi sikhombele ngokwakho umvikeli usikhombele ngokwakho umsizi".

76. Labo abakholwayo abalwa endleleni kaMvelinqangi kanye nalabo abaphika ukholo balwa endleleni yezithixo ngakho-ke yilwani nabangane basathane, ngempela icebo likasathane ngasosonke isikhathi alenzi lutho.

***Isigaba seshumi nanye (11)***

77. Awuzange ubabone yini labo okwathiwa kubona, “zithibeni izandla zenu (ekulweni) nenze umthandazo ninikele kwabampofu ngenkathi nanimiselwe ukulwa yilapho iqembu kubona lesaba abantu njengokwesaba uMvelinqangi noma ukwesaba okukhulu” futhi bathi, “Nkosi yethu kungani usimisele ukulwa na? Ukube nje bewusihlehliselele isikhashana esiseduze” ithi injabulo yakulomhlaba yincane kepha impilo yakwelizayo ingcono kulowo owesaba uMvelinqangi futhi angeke kwenziwe okungesikhona ubulungiswa kunina ngisho nakancane.

78. Noma ngabe nikuphi ukufa kuyonithatha noma ngabe ningaba senqabeni enkulu ephakeme eyakhiweyo futhi uma behlelwa okuthize okuhle bathi, “lokhu kuvela kuMvelinqangi” kepha uma behlelwe okubi bathi, “lokhu kuvela kuwena (Muhammad)” ithi zonke izinto zivela kuMvelinqangi kwenzakalani ngalababantu abangafuni ukuqonda inkulumo na?

79. Lokho okukwehlelayo okuhle kuvela kuMvelinqangi kepha okukwehlelayo okubi kuvela emphefumulweni wakho futhi sikuthumele kubantu ukuba ube yisithunywa futhi uMvelinqangi wanele njengofakazi.

80. Lowo ohlonipha isithunywa ungohlonipha uMvelinqangi kepha noma ngabe ubani obuyela emuva ngakho-ke asikuthumelanga kubona ukuthi ube umgadi (wabo).

81. Bathi, “siyahlonipha” kepha uma besuka kuwena iqembu kubona lichitha ubusuku libopha uzungu ukuze lingenzi lokho okushoyo, kepha uMvelinqangi ubhala phansi lokho abachitha ubusuku bebopha uzungu ngakho, bayeke ubeke ithemba (lakho) kuMvelinqangi ngoba uMvelinqangi wanele njengommeli.

82. Ngakube abayinaki yini iQur’an? Ukube beyingaveli kuMvelinqangi babezoyithola inempikiswano eningi phakathi.
83. Futhi uma kuza kubona okuthize mayelana nokulondolozeka noma ukwesaba bakwenza kwaziwe kodwa ukube bebekudlulisele esithunyweni nakulabo abayiziphathi mandla kubona, labo abangakwazi ukufinyelela esinqumweni ngokuyikho kulodaba bebezokwazi ngalo futhi ukube babungekho ububele bukaMvelinqangi nomusa wakhe ngempela nanizolandela usathane ngaphandle kwabayingcosane.
84. Ngakho-ke yilwa endleleni kaMvelinqangi asikho isibopho ngaphandle komphefumulo wakho nokugqugquzela abakholwayo, kuze kube uMvelinqangi angabamba amandla alabo abangakholwa, uMvelinqangi ungaphezulu kwalokho ngamandla futhi unzima ekujeziseni.
85. Noma ngabe ngubani okhulumela isenzo esihle okwakhe yingxenye kulokho futhi noma ngabe ngubani okhulumela isenzo esibi okwakhe yingxenye kulokho, uMvelinqangi ngasosonke isikhathi uyakwazi ukwenza zonke izinto.
86. Futhi uma nibingelelwa ngesibingelelo bingelelani ngesibingelelo esingcono kunaso noma niphindisele ngaso ngempela uMvelinqangi uhlala njalo engaphezu kwazo zonke izinto ezibhekisisa.
87. UMvelinqangi, akunanto/umuntu onokukhonzwa ngaphandle kwakhe, ngempela uyoniqoqela ndawonye ngosuku lokuvuka kwabafileyo, akukho ukungabaza kulona futhi ubani oneqiniso kakhulu kunoMvelinqangi ngenkulumo na?

***Isigaba seshumi nambili (12)***

88. Kwenzenjani ngani ukuthi nibe amaqembu amabili mayelana nabazenzisi na? Ngenkathi uMvelinqangi ebenze ukuthi babuyele emuva (emaphutheni abo) ngenxa yalokho ababekuzuzile (abakwenzile) ngakube nifuna ukuhola lowo uMvelinqangi amdukisile na? futhi lowo odukiswe uMvelinqangi awusoze wamtholela indlela (yokumhola).
89. Bafisa ukuthi nani ningakholwa njengoba bengakholwanga nokuthi nifane ningenzi abangane phakathi kwabo kuze kube bafudukela endleleni kaMvelinqangi kepha uma bephendukela emuva (benqaba) babambeni nibabulale noma ngabe ikuphi lapho nibathola khona futhi ningathathi abangani phakathi kwabo futhi ningathathi basizi.
90. Ngaphandle kwalabo abaya eqenjini phakathi kwenu kanye nalabo okunesivumelwano noma labo abeza kunina, izifuba (izinhliziyo) zabo zizithibe ekulweni nani noma ekulweni nabantu babo futhi ukube uMvelinqangi wayethanda wayezobanika amandla ngaphezu kwenu ngakho-ke babezolwa nani kodwa uma beziqhelelanisa nani bengalwi nani futhi benikhombisa ukuthula okusho ukuthi uMvelinqangi akazange anenzele indlela (yokulwa) nabo.
91. Niyothola abanye abafisa ukuba balondolozeke kunina nokulondozeleka kubantu babo, ngasosonke isikhathi uma bephindiselwa kwi-fitnah (ekungakholweni) babuyela (bawela) emuva kukhona, kepha uma beziqhelelanisa nani futhi benikhombisa ukuthula futhi bengabambi izandla zabo ngakho-ke babambeni nibabulale noma ngabe ikuphi lapho nibathola khona futhi nina sininike igunya elisobala maqondana nabo.

***Isigaba seshumi nantathu (13)***

92. Futhi akusoze kwaba okwekholwa ukuthi libulale (elinye) ikholwa ngaphandle nje uma kuyiphutha futhi noma ngabe ubani obulale ikholwa ngephutha ngakho-ke makakhulule isigqila esikholwayo futhi akhokhe isinxephezelo (imali yegazi) kubantu bakhe (umndeni womufi) ngaphandle uma (umndeni) umthethelela uma kungukuthi (lowo) obulewe uphuma kubantu abayizitha zenu uma yena wayeyikholwa ukukhululwa kwesigqila esikholwayo (kufanele kwenziwe) futhi uma kungukuthi wayephuma ebantwini ekunesivumelwano phakathi kwenu nabo isinxephezelo (imali yegazi) mayikhokhwe kubantu bakhe (emndenini wakhe) nokukhululwa kwesigqila esikholwayo kufanele kwenziwe kepha lowo angeke akwazi ukuthola (izindlela zokukhokha) makazile izinyanga ezimbili ezilandelanayo ukuze azifunele intethelelo evela kuMvelinqangi futhi uMvelinqangi uhlala njalo engowaziyo enobuhlakani.

93. Futhi noma ngabe ubani obulala ikholwa ngenhloso umvuzo wakhe kuyoba isihogo uyohlala khona ingunaphakade futhi uMvelinqangi uyoba nolaka kuye, amqalekise futhi usemlungiselele isijeziso esikhulu.

94. Oh nina enikholwayo! uma niphuma (niyolwa) endleleni kaMvelinqangi nenze uphenyo futhi ningathi kulowo oninika (isibingelelo) sokuthula ukuthi awusilona ikholwa nifuna izinto zempilo yalomhlaba kepha kuMvelinqangi kunenzuzo eningi ngokunjalo naninjalo ngaphambilini uMvelinqangi wabeka ububele phezu kwenu ngakho-ke enzani uphenyo ngempela uMvelinqangi uhlala njalo lokho enikwenzayo ekubona.

95. Abalingani labo abakholwayo abahlala (emakhaya abo) ngaphandle kwababakhubazekile nabazabalaza endleleni kaMvelinqangi ngengcebo yabo nangemiphefumulo yabo.

Futhi uMvelinqangi wakhetha abazabalaza (endleleni yakhe) ngengcebo yabo nangemiphefumulo yabo ngaphezu kwalabo abasalela ngemuva (emakhaya abo) ngezinga futhi kubona bonke uMvelinqangi wathembisa okuhle, uMvelinqangi wakhetha abazabalaza (endleleni yakhe) ngaphezu kwalabo abahleli (emakhaya abo) ngomvuzo omkhulu.

96. Amazinga aphakeme avela kuyena nentethelelo nomusa futhi uMvelinqangi uhlala njalo ethethelela enesihawu.

***Isigaba seshumi nane (14)***

97. Ngempela labo izingelosi ezenza ukuba bafe (kwakungenxa yokuthi) bona imiphefumulo yabo (izingelosi) zathi (kubona) ikusiphi (isimo) enanikuso, bathi sasingababuthakathaka emhlabeni zathi akusikhona yini ukuthi umhlaba kaMvelinqangi undlalekile ukuze nifuduke kuwona na? Labo-ke indawo yabo yisihogo futhi sibi (leso) siphetho.

98. Ngaphandle kwababuthakathaka abangamadoda nabesifazane nezingane abangeke bakwazi ukwenza isu noma ukuzitholela indlela.

99. Ngakho-ke yilabo ekubhekeleke ukuthi uMvelinqangi abathethelele futhi uMvelinqangi ngasosonke isikhathi uyaxolela ethethelela.

100. Futhi noma ngabe ubani ofudukela endleleni kaMvelinqangi emhlabeni uyothola indawo yokuhlala eningi nebanzi futhi noma ngabe ubani oshiya indlu (ikhaya) lakhe efudukela uMvelinqangi nesithunywa sakhe bese ethathwa ukufa okusempeleni umvuzo wakhe ukuMvelinqangi futhi uMvelinqangi ngasosonke isikhathi uyathethelela enesihawu.

***Isigaba seshumi nanhlanu (15)***

101. Futhi uma nizihambela nje emhlabeni akukho ukusolwa kunina uma niwenza ube mifishane umthandazo. Uma nesaba ukuthi labo abangakholwa bangase banixakazise (banihlasela) ngempela abangakholwa bayizitha zenu ezisobala ngasosonke isikhathi.
102. Futhi uma wena uphakathi kwabo ngakho-ke bahole emthandazweni ukuze iqembu phakathi kwabo lisukume (lithandaze) kanye nawe futhi mabathathe izikhali zabo ngakho-ke uma sebeqedile ukujabalala (ukuthandaza) ababe ngemuva kwenu futhi bese kuza elinye iqembu elingakathandazi ukuze lithandaze kanye nawe futhi baziqaphe bathathe nezikhali zabo, labo abangakholwa bafisa sengathi ningangazinaki izikhali zenu nemithwalo yenu ukuze banihlasele umkanye futhi akukho ukusolwa kunina (uma nibeka izikhali zenu) ngenxa yokuhlushwa yimvula noma uma kade nigula, ukuze nibeke phansi izikhali zenu bese niyaziqapha ngempela uMvelinqangi walungiselela abangakholwa isijeziso esidumazayo.
103. Ngakho-ke uma seniqedile ukuthandaza khumbulani uMvelinqangi nimile, nihleli noma (nilele) ngezinhlangothi zenu. Kepha uma seningasekho ebungozini enzani umthandazo ngempela umthandazo wamiselwa (wabekelwa) abakholwayo ngezikhathi ezinqunyiweyo.
104. Futhi ningabi buthakathaka ekuxosheni abantu (izitha zenu) uma nizwa ubuhlungu (ukuhlupheka) ngempela nabo bayakuzwa ubuhlungu njengoba nani nibuzwa ubuhlungu kodwa nina nifisa kuMvelinqangi okuhle lokho abangakufisi futhi uMvelinqangi ngasosonke isikhathi uyazi unobuhlakani.

***Isigaba seshumi nesithupha (16)***

105. Ngempela sembula kuwena incwadi eneqiniso ukuze wehlulele phakathi kwabantu ngalokho uMvelinqangi akukhombise kona futhi ungabi ummeli wabenza amacebo (amabi).
106. Futhi ucele intethelelo kuMvelinqangi ngempela uMvelinqangi uyathethelela unesihawu ngasosonke isikhathi.
107. Futhi ungenzi impikiswano ngalabo abazikhohlisa bona uqobo, ngempela uMvelinqangi akamthandi lowo ongumkhohlisi oyisoni.
108. Bafihlela abantu (izenzo zabo ezimbi) angeke bazifihle kuMvelinqangi ngokuba ukanye nabo ngesikhathi bebopha uzungu ebusuku ngenkulumo engavumelani naye futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi ukuzungezile (uyakwazi) lokho abakwenzayo.
109. Oh nina enikholwayo! Niyilabo abaphikisana ngabo empilweni yakulomhlaba ngakho-ke ngubani oyokwenza impikiswano ngabo kuMvelinqangi ngosuku lokuvuka kwabafileyo noma ubani oyoba ngummeli wabo na?
110. Futhi noma ngabe ubani owenza izenzo ezimbi noma owenza okungasikhona ubulungiswa emphefumulweni wakhe bese ecela intethelelo kuMvelinqangi uyothola uMvelinqangi ethethelela enesihawu.
111. Futhi noma ngabe ubani owenza isono ngakho-ke ngempela wenzele umphefumulo wakhe futhi uMvelinqangi uyazi unobuhlakani ngasosonke isikhathi.
112. Futhi noma ngabe ubani owenza iphutha noma isono bese ekubeka phezu (komuntu) omsulwa uzethwese umthwalo wamanga nesono esicacile.

***Isigaba seshumi nesikhombisa (17)***

113. Futhi ukube babungekho ububele bukaMvelinqangi phezulu kwakho nomusa wakhe ngempela iqembu kubona laliyonquma ukukudukisa kepha abadukisi (muntu) ngaphandle kwemiphefumulo yabo futhi abakulimazi ngalutho nakancane futhi uMvelinqangi wembula kuwena incwadi nobuhlakani wabe esekufundisa lokho owawungakwazi futhi ububele buka Mvelinqangi obuphezulu kwakho ngasosonke isikhathi bukhulu.
114. Abukho ubuhle ezinkulumweni zabo eziningi zangasese ngaphandle kwalowo ophanayo noma enze ukulunga noma (lowo) owenza ukubuyisana phakathi kwabantu futhi noma ngabe ubani owenza lokho efuna injabulo kaMvelinqangi ngakho-ke siyomnika umvuzo omkhulu.
115. Futhi noma ubani ophikisa isithunywa emva kokuba esefikelwe ukuholwa okucacile futhi alandele enye indlela ekungesiyona yamakholwa siyomgcina kuleyo ndlela ayikhethile siyomphonsa esihogweni esiyisiphetho esibi.

***Isigaba seshumi nesishiyagalombili (18)***

116. Ngempela uMvelinqangi akasithetheleli (isono) somenzela abahlanganyeli ekumkhonzeni kepha uthethelela okunye ngaphandle kwalokho kulowo amthandayo futhi lowo owenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni uduke ukuduka okukude le.
117. Uma bebiza (bekhuluma), ababizi yena kodwa ngaphandle kwesifazane uma bebiza ababizi lutho ngaphandle kukasathane ongumhlubuki.
118. UMvelinqangi wamqalekisa wabe esethi ngempela ngizothatha ezincekwini zakho ingxenye ethize.

119. Futhi ngempela ngiyobadukisa futhi ngempela ngiyokwenza ukuthi kuvuke kubona izinkanuko eziyize leze futhi ngiyobaphoqa ukuba banqume izindlebe zezinkomo futhi ngibaphoqa ukuba baguqule indalo kaMvelinqangi futhi noma ngabe ubani othatha usathane njengomngane ayeke uMvelinqangi ulahlekelwe ukulahlekelwa okucacile.

120. Uyabathembisa (usathane) futhi enze ukuthi kuvuke kubona izinkanuko eziyize leze futhi usathane akabethembisi lutho ngaphandle kokubakhohlisa.

121. Labo-ke isiphephelo sabo kuyoba yisihogo futhi angeke balithole ithuba lokuphunyuka kusona.

122. Kodwa labo abakholelwa (ebunyeni bukaMvelinqangi) benze nezenzo ezilungileyo (ezinhle) siyobangenisa ezivandeni okugeleza ngaphansi kwazo imifula lapho beyohlala khona ingunaphakade, isithembiso sikaMvelinqangi siyiqiniso futhi ngubani onenkulumo eyiqiniso ngaphezulu kwekaMvelinqangi na?

123. Angeke kube njengezifiso zenu noma njengezifiso zabantu bencwadi noma ngabe ubani owenza okubi uyothola umvuzo ngako futhi angeke athole umvikeli noma umsizi ngaphandle kukaMvelinqangi.

124. Futhi noma ngabe ubani owenza izenzo ezilungile noma ngabe owesilisa noma owesifazane futhi eyikholwa ngakho-ke labo bayongena ezulwini futhi angeke benziwe okungenabo ubulungiswa ngisho nakancane.

125. Futhi ngubani ongcono enkolweni kunalowo ozininikela kuMvelinqangi (ngokuphelele) futhi engumenzi wokuhle futhi alandele inkolo ka-Abrahamu oqotho futhi uMvelinqangi wenza ukuthi u-Abrahamu abe umngane (wakhe) omkhulu.

126. Futhi kungokukaMvelinqangi konke okusemazulwini futhi nakho konke okusemhlabeni futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi uzungeleze (wazi) zonke izinto.

## *Isigaba seshumi nesishiyalolunye (19)*

127. Bakubuza (ngezindlela ezisemthethweni) mayelana nokuphathwa kwabesifazane ithi "uMvelinqangi uninika (izindlela ezisemthethweni) mayelana nabesifazane nalokho okufundelwa nina okusencwadini mayelana nezintandane zabesifazane eningaziniki lokho ezinqunyelwe kona futhi nifisa ukushada nazo nezingane ezicindezelwe (ezibuthakathaka) nokuthi nisukume ngokuqina mayelana nokwenza ubulungiswa ezintandaneni futhi noma ngabe yini enhle eniyenzayo ngasosonke isikhathi uMvelinqangi uyazi ngayo".
128. Futhi uma owesifazane esaba ukuphathwa kabuhlungu noma ukunganakwa umyeni wakhe asikho isono phezulu kwabo bobabili uma bona bobabili bebuyisana, ukubuyisana (ukuxolelana) kungcono futhi uma imiphefumulo ibuswa umona kodwa uma nenza okuhle futhi nesabe uMvelinqangi ngakho-ke ngempela ngasosonke isikhathi uMvelinqangi uyazi ngalokho enikwenzayo.
129. Futhi anisoze nakwazi ukuthi niphathe amakhosikazi ngokulinganayo noma ngabe niyazama (ukukwenza lokho) ngakho-ke ningabonika omunye (unkosikazi) isikhathi esiningi (kunomunye) bese ningamnaki omunye futhi uma nenza ubulungiswa nesabe uMvelinqangi ngakho-ke ngempela uMvelinqangi ngasosonke isikhathi uyathethelela unesihawu.
130. Futhi uma behlukana (benza isehlukaniso) uMvelinqangi uyonika ngamunye (kubona) ingcebo enaleni yakhe futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi wanele (ukugcwalisa izidingo zezidalwa zakhe) unobuhlakani.
131. Futhi kungokukaMvelinqangi konke okusemazulwini nakho konke okusemhlabeni futhi sabatshena labo ababenikwe incwadi ngaphambilini kwenu kanye nani ukuthi basabe uMvelinqangi kepha uma bephika ukholo ngakho-ke ngempela kungokukaMvelinqangi konke okusemazulwini

nakho konke okusemhlabeni futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi akadingi lutho ungobongekayo.

132. Futhi kungokuka Mvelinqangi konke okusemazulwini nakho konke okusemhlabeni futhi uMvelinqangi wanele njengommeli (wababakholwayo).

133. Oh Bantu! uma ethanda anganihambisa (anganisusa) alethe abanye (esikhundleni senu) futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi unamandla okukwenza lokho.

134. Noma ngabe ubani ofisa umvuzo wakulomhlaba ngakho-ke kuMvelinqangi kunomvuzo wakulomhlaba nowempilo ezayo futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi uyezwa uyabona.

***Isigaba samashumi amabili (20)***

135. Oh nina enikholwayo! Yibani ngabame ngokuqina ekwenzeni ubulungiswa, ofakazi baMvelinqangi noma ngabe kuphikisana nemiphefumulo yenu noma abazali (benu) noma izihlobo noma ngabe uyisicebi noma umpofu ngakho-ke uMvelinqangi ungumvikeli ongcono wabo bobabili ngakho-ke ungalandeli ize leze (lokho kuzokwenza) ukuthi ungenzi ubulungiswa kepha uma behlanekezela (iqiniso) noma benqaba (ukuliveza) ngakho-ke ngempela uMvelinqangi ngasosonke isikhathi lokho enikwenzayo uyakwazi.

136. Oh nina enikholwayo! Kholwani kuMvelinqangi nesithunywa sakhe (Muhammad) nasencwadini eyambulwa esithunyweni sakhe (iQur'an) futhi nasencwadini ayembula (kulabo) ababengaphambilini (kwaso) futhi noma ngabe ubani ongakholwa kuMvelinqangi nasezingelosini zakhe nasezincwadini zakhe nasosukwini lokugcina ngakho-ke uduke ukuduka okukude le.

137. Ngempela labo abakholwayo babuye bayeke ukholo babuye bakholwe babuye bangakholwa bese kuyanda ukungakholwa,

uMvelinqangi akasoze abathethelele futhi akasoze abaholele endleleni (eqondile).

138. Batshele abazenzisi ukuthi okwabo yisijeziso esibuhlungu.

139. Labo abathatha abangakholwa ukuba babengabavikeli esikhundleni sabakholwayo. Ngakube bafuna udumo kube olwabo na? Ngakho-ke ngempela udumo lonke lungolukaMvelinqangi.

140. Futhi sewanembulela encwadini ukuthi uma nizwa amavesi kaMvelinqangi (izimpawu nobufakazi) ephikwa futhi kwenziwa inhlekisa ngawo ngakho-ke ningabohlala kanye nabo kuze kube bangena enkulumweni ekungesiyona leyo (bashintsha inkulumo) ngempela niyofana nabo (uma nihlala nabo) ngempela uMvelinqangi uyobaqoqela ndawonye abazenzisi nabangakholwa bonke esihogweni.

141. Labo abanilindile (abanibhekile) uma ninokunqoba okuvela kuMvelinqangi bathi "Asizange yini sibe kanye nani na"? Kepha uma abangakholwa bevelelwe yinhlanhla bathi (kubona) asizange yini sibe ngaphezulu kwenu ngokunqoba futhi asizange yini sinivikele kwabakholwayo na? Ngakho-ke uMvelinqangi uyokwahlulela phakathi kwenu ngosuku lokuvuka kwabafileyo futhi uMvelinqangi akasoze wenzela abangakholwa indlela (yokunqoba) abakholwayo.

***Isigaba samashumi amabili nanye (21)***

142. Ngempela abazenzisi (bacabanga) ukuthi bakhohlisa uMvelinqangi kepha uyena obakhohlisayo futhi noma ngabe besukumela umthandazo basukuma ngobuvila ukuze babonwe ngabantu futhi abamkhumbuli uMvelinqangi ngaphandle kwesikhashana esincane nje.

143. Bangabaza phakathi kwalokhu nalokhuya ukuthi ngabe (bayingxenye) yalabo (abakholwayo) noma (bayingxenye) yalabo (abangakholwa) futhi noma ngabe ubani oshiywa

INGXENYE 6

nguMvelinqangi ekudukeni awusoze wamtholela indlela (eya eqinisweni).

144. Oh nina enikholwayo! Ningabathathi abangakholwa ukuba babe ama-Awliya (abangane, abasizi noma abavikeli) esikhundleni sabakholwayo ngakube nifuna ukunika uMvelinqagi ubufakazi obucacile obuphambene nobukunina na?

145. Ngempela abazenzisi bayokuba ebangeni eliphansi ekujuleni komlilo futhi awusoze wobatholela umsizi.

146. Ngaphandle kwalabo abacela intethelelo benze izenzo ezilungile bese bebambelela kuMvelinqangi bese inkolo yabo ibeqotho kuMvelinqangi ngakho-ke labo bakanye nabakholwayo futhi uMvelinqangi uyonika abakholwayo umvuzo omkhulu.

147. Kungani uMvelinqangi eyonijezisa uma ninokubonga futhi nikholwa (kuyena) na? Futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi ungobongayo ungowaziyo.

148. UMvelinqangi akathandi kukhulunywe inkulumo embi ngaphambi kwabantu ngaphandle kwalowo owoniwe futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi ungozwayo owaziyo.

149. Uma nikuveza okuhle noma nikufihla noma nithethelele (abenza) okubi ngakho-ke ngempela uMvelinqangi ngasosonke isikhathi uyathethelela unamandla.

150. Ngempela labo abangakholwa kuMvelinqangi nasezithunyweni zakhe bafuna ukwenza umehluko phakathi kukaMvelinqangi nezithunywa zakhe futhi bathi siyakholelwa kwezinye (izithunywa) kepha asikholelwa kwezinye futhi bafuna ukwenza indlela phakathi kwalokho.

151. Labo-ke bona bangabangakholwa ngokweqiniso futhi salungiselela abangakholwa isijeziso esidumazayo.

152. Futhi labo abakholwa kuMvelinqangi nasezithunyweni zakhe futhi bangawenzi umehluko phakathi kwanoma ngabe yimuphi phakathi kwabo (abaphrofethi) labo-ke uyobanika imivuzo yabo futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi uyathethelela unesihawu.

***Isigaba samashumi amabili nambili (22)***

153. Abantu bencwadi bakucela ukuthi wehlisele phansi kubona incwadi evela ezulwini sebake bacela kuMose okukhulu kunalokho ngakho-ke bathi sikhombise uMvelinqangi ngokugqamile ngakho-ke bathathwa ukuphazima kombani ngenxa yokuba yizoni kwabo, bathatha ithole (isithixo ukuba balikhonze) emuva kokuba sebefikelwe ubufakazi obucacile kepha sabathethelela kulokho futhi sanika uMose igunya elisobala.

154. Futhi njengesivumelwano kubona saphakamisa intaba (yaqonga) ngaphezulu kwabo futhi sathi kubona ngenani esangweni niguqile ngokuzithoba saphinde sathi kubona ningaphambuki emthethweni wesabatha futhi sathatha kubona isivumelwano esiqinile.

155. (Sabaqalekisa) ngenxa yokuphula kwabo isivumelwano sabo nokuphika kwabo ama-Ayat (ubufakazi, izimpawu, amavesi, izifundo, izibonakaliso kanye nezambulo) zikaMvelinqangi nokubulala kwabo abaphrofethi ngokungesilona iqiniso (ngokungemithetho) nenkulumo yabo ethi izinhliziyo zethu zimboziwe (asikuqondi lokhu okushiwo yizithunywa) kepha uMvelinqangi uzimbozile (izinhliziyo zabo) ngenxa yokungakholwa kwabo ngakho-ke abakholwa ngaphandle kwedlanzana.

156. Futhi (Sibaqalekisile) ngenxa yokungakholwa kwabo nangenxa yenkulumo yabo eyinhlamba enkulu ngoMariya.

157. Futhi nangenkulumo yabo ethi, "ngempela thina sambulalala uMesiya uJesu indodana kaMariya" uyisithunywa sikaMvelinqangi kepha abazange bambulale futhi abazange bambethele esiphambanweni kepha kwakwenziwe kwabonakala kanjalo kubona futhi ngempela labo abaphikisana ngakho basekungabazeni ngakho, abanalo ulwazi ngakho

ngaphandle kokulandela imicabango nje ngempela abazange bambulale.

158. Kepha uMvelinqangi wamkhuphulela kuyena futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi uphakeme ngamandla unobuhlakani.

159. Futhi akukho noyedwa kubantu bencwadi ngaphandle kokuthi ngempela bakholelwa kuyena ngaphambi kokufa kwakhe futhi ngosuku lokuvuka kwabafileyo uyokuba ngufakazi obhekene nabo.

160. Ngakho-ke ngenxa yokuba yizoni kwalabo abangamaJuda sabanqabela ezintweni ezinhle ezazivumelekile kubona futhi nangokuvimbela kwabo abaningi endleleni kaMvelinqangi.

161. Nangokuthatha kwabo inzalo (yemali) ababekade benqatshelwe kukona futhi nangokudla kwabo ingcebo yabantu ngokungesikona ubulungiswa futhi silungiselele abangakholwa phakathi kwabo isijeziso esibuhlungu.

162. Kepha abanolwazi olunzulu phakathi kwabo kanye nabakholwayo abakholelwa kulokho okwehliselwa phansi kuwena nakulokho okwehliselwa phansi ngaphambilini kwakho nabenza umthandazo nabakhiphi bezakaah (ingxenye yengcebo enikwa abampofu) nabakholwa kuMvelinqangi nasosukwini lokugcina labo-ke siyobanika umvuzo omkhulu.

***Isigaba samashumi amabili nantathu (23)***

163. Ngempela sambula kuwena njengoba sambula kuNowa nakubaphrofethi abeza ngemva kwakhe futhi sembula ku-Abrahamu naku-Ishmayeli no-Isaka nakuJakobe nasezizweni nakuJesu nakuJobe nakuJona naku-Aron nakuSolomoni futhi sanikeza uDavide izabura (amahubo).

164. Nezithunywa esasikutshenile ngazo ngaphambilini nezithunywa esingazange sikutshene ngazo futhi uMvelinqangi wakhuluma noMose.

165. (Sathumela) izithunywa njengabalethi bezindaba ezimnandi nabaxwayisi ukuze abantu bangabi nalo izwi lokuziphendulela kuMvelinqangi (emva kokufika) kwezithunywa futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi uphakeme ngamandla unobuhlakani.
166. Kepha uMvelinqangi uyafakaza ngalokho akwehlisela phansi kuwena, wakwehlisela phansi ngolwazi lwakhe nezingelosi ziyofakaza futhi uMvelinqangi wanele njengofakazi.
167. Ngempela labo abangakholwanga futhi bavimba (abanye) endleleni kaMvelinqangi baduke ukuduka okukude le.
168. Ngempela labo abangakholwanga futhi benza ukona, uMvelinqangi angeke abathethelele futhi angeke abaholele endleleni.
169. Ngaphandle kwendlela yasesihogweni bayohlala khona lapho phakathi ingunaphakade futhi ngasosonke isikhathi lokho kuMvelinqangi kuyinto elula.
170. Oh Bantu! isithunywa sifikile kunina neqinio elivela eNkosini yenu ngakho-ke kholwani kungcono kunina kepha uma ningakholwa ngakho-ke ngempela kungokukaMvelinqangi konke okusemazulwini nokusemhlabeni futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi uyazi unobuhlakani.
171. Oh Bantu bencwadi! Ningayeqi imingcele enkolweni yenu futhi ningasho lutho ngoMvelinqangi ngaphandle kweqiniso ngempela uMesiya uJesu indodana kaMariya wayeyisithunywa sikaMvelinqangi nezwi lakhe alibeka (aliqondisa ngqo) kuMariya nomoya (ongcwele) ovela kuye ngakho-ke kholwani kuMvelinqangi nasezithunyweni zakhe futhi ningathi kuthathu (ningathi uMvelinqangi uyiziqu ezintathu) phezani (lokho) kungcono kunina ngempela uMvelinqangi unguMvelinqangi oyedwa udumo malube kuye ukuthi angaba nendodana, kungokwakhe konke okusemazulwini nakho konke okusemhlabeni futhi uMvelinqangi wanele njengommeli (wabakholwayo).

## *Isigaba samashumi amabili nane (24)*

172. UMesiya akasoze azigqaje ukuthi abe yinceku kaMvelinqangi futhi nezingelosi eziseduzene (noMvelinqangi) azisoze (zazigqaja) futhi noma ngabe ngubani ozigqaja ngokukhonzwa kwakhe futhi aqholoshe ngakho-ke uyobaqoqela ndawonye kuyena bonke.
173. Kepha labo abakholwayo futhi abenza izenzo ezinhle ngakho-ke uyobanika imivuzo yabo futhi abanezezele ekubapheni kwakhe futhi besekuthi labo abazigqajayo futhi baqhoshe uyobajezisa ngesijeziso esibuhlungu futhi angeke bazitholele ngaphandle kukaMvelinqangi umvikeli noma umsizi.
174. Oh Bantu! Sebafika kunina ubufakazi obanelisayo obuvela eNkosini yenu futhi sehlisela phansi kunina ukukhanya okucacile.
175. Besekuthi labo abakholwayo kuMvelinqangi futhi babambelela kuyena ngakho-ke uyobangenisa emseni ovela kuyena nasebumneneni futhi abaholele kuyena endleleni eqondile.
176. Bacela kuwena isinqumo esisemthethweni ithi, "uMvelinqangi oninika isinqumo ngesizukulwane, uma indoda ifa ingenayo ingane kepha inodadewabo okwakhe (udadewabo) yingxenye kulokho akushiyile futhi yena uthatha ifa lowesifazane uma owesifazane engayishiyanga ingane, uma kungukuthi odade babili okwabo (yifa labo) okubili kokuthathu kulokhu akushiyayo, uma kunabafowabo nodadewabo ngakho-ke owesilisa uyothola okulingana nesabelo sabesifazane ababili uMvelinqangi uyanicacisela ningaze niduke futhi uMvelinqangi wazi ngazo zonke izinto.

# (5)
# Al-Maidah – Itafula (eligcwele ukudla)

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Oh nina enikholwayo! Gcwalisani izethembiso nivunyelwe (ukudla) izilwane eziyizinkomo ngaphandle kwalezo enitshelwa ngazo, ukuzingela akuvumelekile uma nina nisesimweni se-ihraam (amashidi amabili amhlophe agqokwa umuntu owenza iHajj noma i-Umrah) ngempela uMvelinqangi uphoqa (wehlulela) lokho akuthandayo.
2. Oh nina enikholwayo! Ningoni izimpawu (ubungcwele) zikaMvelinqangi noma inyanga engcwele noma iminikelo (yezilwane) noma igaxwe umqhele wezimbali noma ubungcwele bendlu iHaraam labo abafuna umusa weNkosi yabo nenjabulo, kepha uma seniphumulile esimweni se-ihraam ngakho-ke ningazingela futhi ningavumeli inzondo yabantu ukuthi inivimbele emasjid Haraam, ukuniholela ekoneni nokusiza omunye nomunye ekwenzeni ukulunga nasebuqothweni kodwa ningasizani ekwenzeni isono nokona futhi sabani uMvelinqangi ngempela uMvelinqangi unzima ekujeziseni.
3. Ninqatshelwe (ukudla inyama) yezilwane ezizifeleyo negazi nenyama yengulube nalokho okuhlatshelwe abanye hhayi uMvelinqangi noma okuklinyiwe noma okubulawe ngendluzula noma okufe ngokuwa noma okubhijwe izimpondo nalezo ezidliwe yizilwane zasendle ngaphandle uma ningazibulala (ngaphambi kokuba zizifele) nalokho okubulawe enusub (indawo okwakwenziwa kuyo umnikelo ngaphambi kwezithixo eMakha) futhi (kunqatshelwe) ukuthatha izinqumo ngemicibisholo, lokho kuwukungahloniphi (isono) kunina,

kulolusuku labo abangakholwa balahle ithemba ngenkolo yenu ngakho-ke ningabesabi kodwa sabani mina, kulolusuku nginiphelelisele inkolo yenu futhi ngaqedelela umusa (ububele) bami phezu kwenu futhi nganikhethela i-islam njengenkolo yenu ngakho-ke noma ngabe ophoqwa yindlala enzima (adle okungavumelekile) engaqondile ukwenza isono ngakho-ke ngempela uMvelinqangi uyathethelela unesihawu.

4. Bayakubuza ukuthi yini eyenziwe yabasemthethweni kubona (ukuba idliwe) ithi okusemthethweni kunina yizinto ezinhle nalezo zilwane enizifundisele ukuzingela nizifundise ngendlela anifundisa ngayo uMvelinqangi ngakho-ke yidlani kulokho ezinibambele kona bese nikhumbula igama likaMvelinqangi kulokho futhi nesabe uMvelinqangi ngempela uMvelinqangi uyashesha ekwahlululeleni.

5. Kulolusuku nivunyelwe ezintweni ezinhle (ukudla okumsulwa) nokudla kwalabo ababenikwe incwadi (amaJuda namakrestu) kusemthethweni kunina (ukuba nikudle) nokudla kwenu kusemthethweni kubona (kuvumelekile ukuba nishade) nabesifazane abamsulwa abakholwayo nabesifazane abamsulwa kulabo ababenikwe incwadi ngaphambilini kwenu, uma senibanikile abesifazane isipho sabo somshado (mehr), befisa ubumsulwa hhayi ukuhlangana kowesilisa nowesifazane okungekho emthethweni futhi ningabathathi abesifazane ukuba nithandane nabo nje (ngaphandle kokuba nishade nabo) futhi noma ngabe ubani ophika ukholo umsebenzi wakhe ube ngoyize leze futhi empilweni ezayo uyokuba kanye nabalahlekelweyo.

***<u>Isigaba sesibili (2)</u>***

6. Oh nina enikholwayo! uma nisukumela ukwenza umthandazo ngakho-ke gezani ubuso benu nezandla zenu kuze nifinyelele ezindololwaneni nisule amakhanda enu bese (nigeza) izinyawo

zenu kuze kufinyelele emaqakaleni. Uma nisesimweni sejanabah (sokungcola) ngakho-ke zihlanzeni (ngokugeza imizimba yenu) kepha uma nigula noma nisohambweni noma oyedwa wenu evela ukuyozikhulula noma nithinte abesifazane (nilale nabo) nangakwazi ukuthola amanzi ngakho-ke enzani itayammum ngomhlabathi ohlanzekile bese nisula ubuso benu kanye nezingalo zenu ngawo, uMvelinangi akafisi ukunibeka ebunzimeni kodwa uthanda ukunihlanza nokuthi aphelelise ububele bakhe phezulu kwenu ukuze mhlawumbe nibe ngababongayo.

7. Futhi khumbulani ububele bukaMvelinqangi phezulu kwenu nesivumelwano sakhe leso anethembisa sona ngesikhathi nithi, "sizwile sahlonipha" futhi nesabe uMvelinqangi ngempela uMvelinqangi uyazi ngalokho okusezifubeni.

8. Oh nina enikholwayo! Yibani ngababambelele ngokuqina kuMvelinqangi nibe ngofakazi ubutha babantu banenza ukuthi ningenzi ubulungiswa, enzani ubulungiswa lokho kusondelene nobuqotho futhi sabani uMvelinqangi ngempela uMvelinqangi uyazi ngalokho enikwenzayo.

9. UMvelinqangi wathembisa labo abakholwayo futhi abenze ukulunga ukuthi okwabo intethelelo nomvuzo omkhulu.

10. Kepha labo abangakholwa futhi baphike amavesi ethu (ubufakazi, izimpawu, izimfundiso, izibonakaliso kanye nezambulo nokunye) labo-ke bangabangani besihogo.

11. Oh nina enikholwayo! Khumbulani ububele bukaMvelinqangi phezulu kwenu ngesikhathi bona abantu befuna ukulula izandla zabo kunina ngakho-ke wazihoxisa izandla zabo kunina futhi sabani uMvelinqangi futhi ikuMvelinqangi lapho bebeka khona ithemba abakholwayo.

***Isigaba sesithathu (3)***

12. Futhi uMvelinqangi sewasithatha isivumelwano kubantwana bakwa-Israel futhi savusa kubona abaholi abayishumi nambili futhi uMvelinqangi wathi, "mina ngikanye nani uma nenza umthandazo futhi nikhokha izakaah futhi nikholelwa ezithunyweni zami futhi nizihloniphe natsheleka uMvelinqangi ukutsheleka okuhle ngempela ngiyosula izenzo zenu ezimbi futhi ngininingenise ezivandeni okugeleza ngaphansi kwazo imifula ngakho-ke noma ngabe ubani kunina ongakholwayo emva kwalokho udukile endleleni eqondile".
13. Ngakho-ke ngenxa yokuphula kwabo isivumelwano sabo sabajezisa futhi senza izinhliziyo zabo lukhuni, baguqula amagama bawasuse endaweni yabo futhi sebakhohlwa ingxenye kulokho ababekhunjuzwe (ababetshelwe) ngakho, futhi angeke uyeke ukubona inkohliso kubona ngaphandle kwabambalwa kubona ngakho-ke bathethelele bese ubuka (izenzo zabo) ngempela uMvelinqangi uyabathanda abenza okuhle.
14. Futhi nakulabo abathi, "thina singamaKrestu" sathatha isivumelwano sabo babe sebeyakhohlwa yingxenye kulokho ababetshelwe ngakho, ngakho-ke satshala ubutha nenzondo phakathi kwabo kuze kube usuku lokuvuka kwabafileyo futhi uMvelinqangi uyobatshela ngalokho ababekwenza.
15. Oh Bantu bencwadi! Sesanifikela isithunywa sethu ukuzonicacisela okuningi kulokho enanikufihla okusencwadini futhi bangakunaki okuningi futhi kwafika kunina ukukhanya okuvela kuMvelinqangi nencwadi ecacile.
16. UMvelinqangi uhola ngayo labo abafuna injabulo yakhe ngezindlela zokuthula futhi uyabakhipha ebumnyameni abayise ekukhanyeni ngentando yakhe futhi abaholele endleleni eqondile.

17. Ngempela abakholwanga labo abathi, "uMvelinqangi unguMesiya indodana kaMariya" ithi, "ngubani onamandla okumelana noMvelinqangi uma wayefisa ukuthi abhubhise uMesiya indodana kaMariya nonina nabobonke abantu abasemhlabeni (wayezokwenza lokho) futhi ungokaMvelinqangi umbuso wamazulu nomhlaba nakho konke okuphakathi kwako kokubili udala lokho akuthandayo futhi uMvelinqangi unamamndla ngaphezulu kwazo zonke izinto.

18. Futhi amaJuda namaKhrestu athi, "thina singamadodana (singabantwana) baMvelinqangi futhi siyizithandwa zakhe" ithi, "ngakho-ke kungani enijezisa ngenxa yezono zenu na"? Okunalokho nina ningabantu phakathi kwalabo (uMvelinqangi) abadalayo uthethelela lowo amthandayo futhi ujezisa lowo amthandayo futhi ungokaMvelinqangi umbuso wamazulu nomhlaba nokho konke okuphakathi kwako kokubili futhi sikuye isiphetho.

19. Oh Bantu bencwadi! Sesanifikela isithunywa sethu sinicacisela (izinto) emva kwesikhathi (ikhefu ekulandelaneni) kwezithunywa hleze nithi (ngosuku oluhle) "Asizange sifikelwe umlethi wezindaba ezimnandi nomxwayisi, kepha manje usenifikele umlethi wezindaba ezimnandi nomxwayisi futhi uMvelinqangi unamandla ngaphezulu kwazo zonke izinto.

***Isigaba sesine (4)***

20. Futhi (Khumbulani) ngesikhathi uMose ethi kubantu bakhe, "Oh Bantu! Khumbulani ububele bukaMvelinqangi phezulu kwenu ngesikhathi ephakamisa abaphrofethi kunina futhi wanenza amakhosi waphinde waninika lokho angazange akunike ngisho noyedwa emihlabeni.

21. Oh Bantu bami! Ngenani emhlabeni ongcwele okuyiwona uMvelinqangi anibekele wona ningaphendukeli emumva, ngakho-ke niyophindela emuva ningabalahlekelweyo.
22. Bathi, "Oh Mose! Ngempela kuyona (lendawo) kunabantu abanamandla amakhulu futhi ngempela thina asisoze sangena kuyona kuze kube bayaphuma kuyo ngakho-ke siyongena.
23. Amadoda amabili kulabo ababesaba uMvelinqangi wabeka umusa phezulu kwawo womabili athi, "ngenani kubona ngesango ngakho-ke uma seningenile kulona (izwe) ngempela nina niyoba ngabanqobileyo futhi nibeke ithemba kuMvelinqangi uma kungukuthi ningabakholwayo".
24. Bathi, "Oh Mose! Ngempela asisoze sangena kulona (izwe) ngisho nakancane inqobo nje uma bekulona, ngakho-ke hamba wena neNkosi yakho niyolwa nobabili ngempela thina sizohlala lapha.
25. Wathi (uMose), "Nkosi yami ngempela angefuye lutho ngaphandle komphefumulo wami nomfowethu ngakho-ke sehlukanise nabantu abahlubukayo (abangahloniphi)"
26. Wathi (UMvelinqangi), "ngakho-ke ngempela lona (izwe elingcwele) alivumelekile kubona iminyaka engamashumi amane, bayozula zula emhlabeni ngakho-ke ungabadabukeli abantu abangabahlubuki (abangahloniphi).

## *Isigaba sesihlanu (5)*

27. Futhi baxoxele umlando ngamadodana ka-Adam amabili ngeqiniso ngesikhathi womabili enza umnikelo (kuMvelinqangi) wamukeleka koyedwa wabo, kepha awuzange wamukeleke komunye (lona owawungamukelekanga umnikelo wakhe) wathi "ngempela ngizokubulala (lowo owawamukelekile umnikelo wakhe) wathi, "ngempela uMvelinqangi wamukela kuphela (umnikelo) kulabo abalungileyo.

28. Uma welula isandla sakho kumina ukungibulala angeke mina ngiselule isandla sami kuwena ukukubulala, ngempela mina ngiyamesaba uMvelinqangi iNkosi yemihlaba.
29. Ngempela mina ngifisa ukuba uthwale isono sami nesono sakho ukuze ube ngomunye wabangani bomlilo futhi lokho kungumvuzo wezoni.
30. Ngakho-ke umphefumulo wakhe wamvumela ukuba abulale umfowabo wabe seyambulala wabangomunye wabalahlekelweyo.
31. Ngakho-ke uMvelinqangi wathumela igwababa lagumba emhlabathini ukumkhombisa ukuthi asifihle kanjani isidumbu somfowabo wathi, "Oh! usizi kumina Angikwazi ngisho nokuthi ngibe njengaleligwababa ukuze ngifihle isidumbu somfowethu ngakho-ke wayeseba ngomunye walabo abazisolayo.
32. Ngenxa yalokho samemezela (samisa) kubantwana bakwa-Israel ukuthi noma ngabe ngubani obulele umuntu okungesikhona (ukuthi uyaphindisela ngokusemthethweni) ngokubulala noma andisa ubulelesi emhlabeni kunjengokuthi ubulele abantu bonke futhi noma ngabe ubani ohlenga impilo yoyedwa kuyoba sengathi uhlenge impilo yabobonke abantu, sesafika kubona isithunywa sethu nobufakazi (izimpawu) obucacile ngakho-ke ngempela iningi labo emva kwalokho (laqhubeka) nokwenza ukona.
33. Ngempela umvuzo walabo abalwa noMvelinqangi nesithunywa sakhe futhi bandisa ukona emhlabeni kuphela ukuthi babulawe noma banqanyulezwe noma banqunywe izandla zabo nezinyawo zabo ezinhlangothini ezahlukene noma badingiswe ezweni, lokho kuyisihlambalazo kubona kulomhlaba futhi okwabo empilweni ezayo kuyoba yisijeziso esikhulu.

34. Ngaphandle kwalabo abazisolayo ngaphambi kokuba nibanqobe, ngakho-ke yazini ukuthi uMvelinqangi ungothethelelayo unesihawu.

***Isigaba sesithupha (6)***

35. Oh nina enikholwayo! Sabani uMvelinqangi futhi nifune izindlela zokusondela kuyena futhi nizabalaze endleleni yakhe ukuze niphumelele.
36. Ngempela labo abangakholwa noma ngabe bekungokwabo konke okusemhlabeni nokufana kwawo kanye nawo ukuze benze ngako inhlengo ekujezisweni ngosuku lokuvuka kwabafileyo akusoze kwemukeleka kubona futhi okwabo yisijeziso esingapheliyo.
37. Bayofisa sengathi bangaphuma emlilweni kepha bona abasoze baphuma kuwo futhi okwabo yisijeziso esingapheliyo.
38. Futhi owesilisa owebayo nowesifazane owebayo ngakho-ke nqamulani izandla zabo okungumvuzo walokho abakwenzile, okuyisijeziso ngendlela eyisibonelo esivela kuMvelinqangi futhi uMvelinqangi uphakeme ngamandla unobuhlakani.
39. Kepha noma ngabe ubani ozisolayo emva kokona kwakhe bese enza ukulunga ngakho-ke ngempela uMvelinqangi uyamthethelela, ngempela uMvelinqangi uyathethelela unesihawu.
40. Awazi yini ukuthi umbuso wamazulu nomhlaba ungokaMvelinqangi ujezisa lowo amthandayo futhi uthethelela lowo amthandayo futhi uMvelinqangi unamandla ngaphezulu kwazo zonke izinto.
41. Oh sithunywa! Ungaphathwa kabi yilabo abajaha ekungakholweni beyilabo abathi ngemilomo yabo “siyakholwa” zibe izinhliziyo zabo zingenayo inkolo futhi nakulabo abangamaJuda (kunalabo) abalalela amanga abalalela abanye abantu abangazange beze kuwena, baphendukezela

amagama endaweni yawo (bewasho ngendlela angashiwongo ngayo) bathi uma ninikwe lokhu ngakho-ke kuthatheni kepha uma ningakunikwanga ngakho-ke qaphelani, kepha lowo ofisa ukwenzela uMvelinqangi ukungakholwa awusoze waba nalutho lakhe kuMvelinqangi labo-ke bayilabo uMvelinqangi angathandi ukuhlanza izinhliziyo zabo okwabo lapha emhlabeni yihlazo futhi okwabo empilweni ezayo yisijeziso esikhulu.

42. Bangabalalela amanga badla okungekho emthethweni ngakho-ke uma beza kuwena yehlulela phakathi kwabo noma uqhelelane nabo, futhi uma uqhelelana nabo abasoze bakulimaze (bakuhluphe) ngalutho futhi uma wehlulele ngakho-ke hlulela phakathi kwabo ngobulungiswa ngempela uMvelinqangi uthanda abanobulungiswa.

43. Kepha bangeza kanjani ukuzofuna isinqumo kuwena ngoba baneTorah, kuyona kunesehlulelo sikaMvelinqangi ngakho-ke bayafulathela emva kwalokho futhi labo abasibona abakholwayo.

## ***Isigaba sesikhombisa (7)***

44. Ngempela sehlisela phansi iTora kuyona kunokuhola nokukhanya abahlulela ngakho abaphrofethi labo abazinikela (ngaphansi kwentando kaMvelinqangi) ukwehlulela amaJuda namaRabbaniyun (izifundiswa zama Juda) nabaphristi ngalokho ababenikwe kona ukuze bakugcine okusencwadini kaMvelinqangi futhi babengofakazi kukona, ngakho-ke ningabosaba umuntu kepha sabani mina futhi ningabodayisa (ningaboshintsha) amavesi ami ngokuyinani elincane (ngokungeyinzuzo yalutho) futhi noma ngabe ngubani ongehluleli ngalokho uMvelinqangi akwembula ngakho-ke labo bona bangabaphiki bokholo.

45. Futhi sabaphoqa kulokho ukuthi impilo ngempilo, nehlo ngehlo, nekhala ngekhala, nendlebe ngendlebe nezinyo ngezinyo namanxeba kungumthetho wokuphindisela ngokulinganayo kepha noma ngabe ngubani oyeka inkokhelo ngendlela yokupha ngakho-ke kuyoba inhlawulo yakhe futhi noma ngabe ngubani ongehluleli ngalokho okwembulwa nguMvelinqangi ngakho-ke labo bayizoni.

46. Futhi ezinyathelweni zabo sathumela uJesu indodana kaMariya ukuqinisekisa lokho okwembulwa ngaphambilini kwakhe okuyiTora futhi samnika ivangeli elinokuhola, nokukhanya okuqinisekisa lokho okwakungaphambilini kwakhe okuyiTora nokuhola nentshumayelo kulabo abesaba (uMvelinqangi).

47. Futhi ukuze abantu bevangeli behlulelwe yilokhu okwembulwe nguMvelinqangi kulona (ivangeli) futhi noma ngabe ubani ongahluleli ngalokho okwembulwe nguMvelinqangi ngakho-ke labo bangabahlubuki.

48. Futhi sathumela phansi kuwena incwadi (iQur'an) ngeqiniso ifakazela incwadi eyembulwa ngaphambilini kwayo futhi ingumgcini wayo, ngakho-ke hlulelani phakathi kwabo ngalokho okwembulwa uMvelinqangi futhi ungalandeli izinkanuko zabo eziyize (ukuze ungaphambuki) eqinisweni eselifikile kuwena, komunye ngamunye phakathi kwenu sabeka umthetho nendlela yokwenza futhi ukube uMvelinqangi wayethanda ngempela wayezonenza isizwe esisodwa ukuze anivivinye kulokho aninika kona ngakho-ke ncintisanani ekwenzeni izenzo ezinhle, ikuMvelinqangi (lapho) niyobuyela khona nonke ngakho-ke uyonitshela (uyonehlulela) ngalokho enaniphikisana kukona.

49. Futhi hlulela phakathi kwabo ngalokho uMvelinqangi akwembula futhi ungalandeli izinkanuko zabo eziyize leze futhi ubaqaphele hleze bakuphambukise kokunye kwalokho uMvelinqangi akwehlisela phansi kuwena kepha uma bephendukela emuva ngakho-ke azi ukuthi uMvelinqangi

ufisa ukubajezisa ngenxa yezinye zezono zabo futhi ngempela iningi labantu lingabahlubuki.

50. Ngakube bafuna isehlulelo sezinsuku zokungazi (ingakafiki inkolo yobu-Islam) futhi ubani ongcono kunoMvelinqangi ngokwahlulela abantu abagxilile enkolweni.

***Isigaba sesishiyagalombili (8)***

51. Oh nina enikholwayo! Ningathathi amaJuda namaKhrestu ukuba babe abangane (abasizi noma abavikeli) abanye babo bangabangane babanye futhi noma ngabe ngubani kunina obathatha njengabangane ngakho-ke ngempela yena ungomunye wabo, ngempela uMvelinqangi akabaholi abantu abayizoni.

52. Ngakho-ke uyababona labo ezinhliziyweni zabo okunesifo bajahe kubona bathi, "siyesaba hleze sehlelwe yishwa kodwa mhlawumbe uMvelinqangi uzoletha ukunqoba noma isinqumo esivela kuyena ngakho-ke bayozisola ngenxa yalokho abakufihla okusemiphefumulweni yabo.

53. Futhi labo abakholwayo bayothi, "laba bayilabo abafunga ngoMvelinqangi izifungo zabo ezinzima ukuthi ngempela bona babekanye nani, imisebenzi yabo iphenduka ize leze baphenduka abalahlekelweyo.

54. Oh nina enikholwayo! Noma ngabe ngubani kunina obuyela emumva ayeke inkolo yakhe (yobu Islam) ngakho-ke uMvelinqangi uyoletha abantu ayobathanda nabo bamthande, ukuzithoba kwabakholwayo, amandla okubhekana nabangakholwa, bazabalaza endleleni kaMvelinqangi futhi abesabi ukugxekwa abagxeki, lokho kungumusa kaMvelinqangi uwunika lowo amthandayo futhi uMvelinqangi ungamele konke uyazi.

55. Kuphela, umvikeli wenu nguMvelinqangi nesithunywa sakhe nalabo abakholwa nalabo abenza umthandazo futhi bakhokha

izakaah futhi bona bengabakhothamayo (ekukhonzeni uMvelinqangi).

56. Futhi noma ngabe ngubani othatha uMvelinqangi nesithunywa sakhe nalabo abakholwayo njengabasizi ngakho-ke ngempela bona engxenyeni kaMvelinqangi bayoba ngabanqobayo.

## ***Isigaba sesishiyagalolunye (9)***

57. Oh nina enikholwayo! Ningathathi labo abenza inkolo yenu inhlekisa nomdlalo kulabo ababenikwe incwadi ngaphambilini kwenu nabangakholwa ukuba babengabasizi (abangane) futhi sabani uMvelinqangi uma nina ningabakholwayo.

58. Futhi uma nibizelwa emthandazweni bawuthathisa okwenhlekisa nomdlalo, lokho kungenxa yokuthi bona bangabantu abangenawo umqondo.

59. Ithi, “Oh bantu bencwadi! (AmaJuda namaKrestu) ngakube nisigxekela ukuthi akekho esakholwa kuyena ngaphandle kokuthi sakholwa kuMvelinqangi nakulokho okwathunyelwa phansi kuthina nakulokho okwembulwa ngaphambilini nokuthi iningi lenu alihloniphi”.

60. Ithi, “Ngakube nginitshelile yini ngokubi kakhulu kunalokho mayelana nomvuzo (izijeziso) esikuMvelinqangi labo abaqalekiswe uMvelinqangi futhi wehlisela ulaka phezulu kwabo wabenza izinkawu nezingulube futhi bakhonza onkulunkulu bamanga labo-ke isimo sabo sibi kakhulu futhi badukile endleleni eqondile”.

61. Futhi uma beza kunina bathi, “siyakholwa” kepha bangene ngokungakholwa kwabo futhi baphuma ngakho futhi uMvelinqangi ukwazi kangcono lokho ababekufihla.

62. Futhi ubona abaningi kubona bejahe esonweni nasekweqeni umthetho nasekudleni izinto ezingekho emthethweni ukuba zidliwe ngempela kubi lokho ababekwenza.

63. Kungani amaRabbis (izifundiswa zama Juda) nabodokotela bomthetho (abaphristi) bengabanqabelanga ekuphimiseleni inkulumo yabo eyisono nokudla kwabo okungekho emthethweni? ngempela kubi lokho ababekwenza.

64. Futhi amaJuda athi, "Isandla sikaMvelinqangi siboshiwe (bathi uyancishana) izandla zabo eziboshiwe futhi baqalekiswa ngenxa yalokho ababekusho, kepha izandla zakhe zombili zenekiwe (ziyephana) uphana ngendlela athanda ngayo, futhi ngempela lokho okwathunyelwa phansi kuwena okuvela eNkosini yakho kwenza ukuthi kwande ukona nokungakholwa eningini labo, futhi senze ukuthi kube nobutha nenzondo phakathi kwabo kuze kube usuku lokuvuka kwabafileyo, ngasosonke isikhathi uma bebasa umlilo wempi uMvelinqangi wawucisha futhi bazama ukwenza ukona emhlabeni futhi uMvelinqangi akazithandi izoni.

65. Futhi ukube abantu bencwadi babekholiwe futhi besaba uMvelinqangi ngempela sasiyozicima izenzo zabo ezimbi futhi ngempela sasiyobangenisa ezivandeni zenjabulo.

66. Futhi ukube bona babeziphathe ngendlela eyala ngayo iTora neVangeli nalokho okwakuthunyelwe phansi kubona okuvela eNkosini yabo ngempela babezothola izabelo ngaphezulu kwabo futhi nangaphansi kwezinyawo zabo, kubona kunomphakathi owenza ngendlela efanele kepha iningi kubona ububi yilokho elikwenzayo.

## ***Isigaba seshumi (10)***

67. Oh sithunywa (Muhammad)! Dlulisa lokho okwehliselwa kuwena okuvela eNkosini yakho kepha uma ungakwenzi (lokho kuyobe kusho ukuthi) awuzange uwudlulise umyalezo wakhe futhi uMvelinqangi uyokuvikela ebantwini, ngempela uMvelinqangi akabaholi abantu abangakholwa.

68. Ithi, Oh Bantu bencwadi! Animile phezulu kwalutho kuze kube nenza ngendlela eyala ngayo iTora neVangeli nalokho okwehliselwa phansi kunina (iQur'an) okuvela eNkosini yenu futhi ngempela lokho okwembulwa kuwena okuvela eNkosini yakho kuyokwandisa eningini labo ukona nokungakholwa ngakho-ke ungaphatheki kabi ngenxa yabantu abangakholwa.
69. Ngempela labo abakholwayo kanye nalabo abangamaJuda namaSabayi namaKhrestu noma ngabe ngubani owakholwa kuMvelinqangi nasosukwini lokugcina futhi wenza izenzo ezinhle ngakho-ke angeke kubekhona ukwesaba kubona futhi angeke baphatheke kabi.
70. Ngempela sathatha isivumelwano sabantwana bakwa-Israyeli futhi sathumela kubona izithunywa ngasosonke isikhathi kwakuthi uma befikelwa yisithunywa nalokho imiphefumulo yabo engakulangazelele iqembu (labo) liyaziphika (izithunywa) elinye iqembu liyazibulala.
71. Futhi bacabanga ukuthi angeke kubekhona isijeziso ngakho-ke baphenduka izimpumputhe nezithuli wabe eseyabathethelela uMvelinqangi kepha baphenduka izimpumputhe nezithuli abaningi kubona futhi uMvelinqangi ungumboni walokho abakwenzayo.
72. Ngempela abakholwa labo abathi, "uMvelinqangi yena unguMesiya indodana kaMariya" futhi uMesiya wathi, "Oh bantwana bakwa-Israyeli! Khonzani uMvelinqangi iNkosi yami noyiNkosi yenu ngempela lowo ewenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni ngakho-ke uMvelinqangi umnqabele izulu futhi indawo yakhe yokuhlala kuyoba umlilo futhi izoni angeke zibenabasizi.
73. Ngempela abakholwanga labo abathi, "uMvelinqangi ongowesithathu kwabathathu futhi abekho onkulunkulu ngaphandle kukaMvelinqangi oyedwa futhi uma bengakuyeki lokho abakushoyo ngempela labo abaphika ukholo phakathi kwabo bayozwa isijeziso esibuhlungu".

74. Ngakube abazisoli yini kuMvelinqangi futhi bacele intethelelo kuyena futhi uMvelinqangi uyathethelela unesihawu.
75. Akayilutho uMesiya (uJesu) indodana kaMariya ngaphandle kokuthi wayeyisithunywa (sikaMvelinqangi) izithunywa sezadlula ngaphambilini kwakhe futhi unina wakhe wayengowesifazane oneqiniso, bobabili babekudla ukudla, bheka ukuthi sibacacisela kanjani izimpawu bese ubheka ukuthi baduka kanjani.
76. Yithi, "ngakube nikhonza kanjani (okunye) ngaphandle kukaMvelinqangi lokho okungenakulimaza ngalutho futhi okungenalo usizo lalutho futhi uMvelinqangi yena ungozwayo owaziyo.
77. Ithi, "Oh Bantu bencwadi! Ningeqi imingcele enkolweni yenu ngale kokuyiqiniso futhi ningalandeli izinkhanuko eziyize leze zabantu asebaduka ngaphambilini futhi abadukisa abaningi futhi baduka endleleni elungile".

***Isigaba seshumi nanye (11)***

78. Baqalekiswa labo abangakholwanga phakathi kwabantwana bakwa-Israel (baqalekiswa) ngolimi lukaDavide nolukaJesu indodana kaMariya lokho kwakungenxa yokuthi abahloniphanga futhi beqa imithetho.
79. Babengakhuzani ekoneni ebabekwenza ngempela okubi yilokho ababekwenza.
80. Ubona abaningi babo bethatha labo abangakholwa njengabangane (abasizi noma abavikeli) ngempela kubi lokho imiphefumulo yabo ekuthumele ngaphambili (okwenziwe imiphefumulo yabo, ngenxa yalokho) intukuthelo kaMvelinqangi yehlela phezu kwabo futhi ekujezisweni ilapho beyokuba khona ingunaphakade.

81. Kodwa ukube nje babekholwa kuMvelinqangi nakuMphrofethi nakulokho okwakwembulwe kuye babengeke bathathe (abangakholwa) njengabangane, kepha iningi labo liyizoni.
82. Ngempela uyobathola bengabantu abanzima kakhulu ebutheni kulabo abakholwayo, amaJuda nalabo abenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni futhi ngempela uyothola ukuthi abasondele kakhulu ngothando kulabo abakholwayo ilabo abathi thina singamaKhrestu lokho kungenxa yokuthi kubona kunabaphristi namaMonk (amandea esilisa) nokuthi bona abaziqhayisi.
83. Futhi uma bezwa lokho okwembulwa esithunyweni ubona amehlo abo ehlengezela izinyembezi ngenxa yalokho asebekwazile okuyiqiniso bathi, "Nkosi yethu sikholiwe ngakho-ke sibhale kanye nabofakazi".
84. Futhi kungani thina singakholwa kuMvelinqangi nakulokho okwafika kuthina okuyiqiniso Futhi sifisa ukuthi iNkosi yethu isingenise kanye nabantu abalungileyo.
85. Ngakho-ke uMvelinqangi wabanika umvuzo ngenxa yalokho abakusho ngezivande ekugeleza ngaphansi kwazo imifula bayohlala khona ingunaphakade futhi lokho kungumvuzo wabenza okuhle.
86. Kepha labo abangakholwanga futhi abaphika izimpawu zethu labo-ke bangabangane besihogo.

***Isigaba seshumi nambili (12)***

87. Oh Nina enikholwayo! Ningazenzi ukuthi zingabi semthethweni izinto ezinhle uMvelinqangi anenzela zaba semthethweni futhi ningaweqi umthetho ngempela uMvelinqangi akabathandi abeqi bomthetho.
88. Futhi yidlani kulokho uMvelinqangi anabela kona okusemthethweni okuhle futhi nesabe uMvelinqangi okunguyena nina uqobo lwenu enikholelwa kuyena.

89. UMvelinqangi angeke anijezise ngalokho okuyize leze ezifungweni zenu kepha uyonijezisa ngalokho (eningakufezi) ezifungweni zenu eniziqondile ngakho-ke inhlawulo yako ukondla abantu abayishumi abaswele ngokulingana nalokho enondla ngakho imindeni yenu noma ukubagqokisa noma ukukhulula isigqila ngakho-ke noma ngabe ngubani ongakwazi ukukuthola inhlawulo (ongakwazi ukuhlawula) akazile izinsuku ezintathu, lokho kuyinhlawulo yezifungo zenu uma nenze izifungo gcinani izifungo zenu, kanjalo-ke uyanicacisela uMvelinqangi amavesi akhe ukuze nibe ngababongayo.

90. Oh nina enikholwayo! Ngempela uphuzo oludakayo, ukugembula, (ukuhlaba umnikelo) endaweni yezithixo (ukuhlabela izithixo ngaphandle kukaMvelinqangi) nemicibisholo (yokuthatha izinqumo) kuwukungcola komsebenzi kasathane ngakho-ke qhelelanani nako ukuze niphumelele.

91. Kuphela usathane ufuna ukwenza phakathi kwenu ubutha nenzondo ngophuzo oludakayo nokugembula futhi unisitheza ekukhumbuleni uMvelinqangi nasekwenzeni umthandazo ngakho-ke ngakube angeke nikuyeke (lokho) na?

92. Futhi hloniphani uMvelinqangi nihloniphe nesithunywa niqaphele, kepha uma niphindela emumva ngakho-ke azini ukuthi (umsebenzi) wesithunywa sethu ukudlulisa (umyalezo) ocacile.

93. Asikho isono kulabo abakholwayo futhi abenza imisebenzi elungile, kulokho abakudla inqobo nje uma besaba uMvelinqangi futhi bekholwa benza nemisebenzi elungile, futhi benza izenzo ezinhle futhi uMvelinqangi uyabathanda abenzi bokuhle.

***Isigaba seshumi nantathu (13)***

94. Oh Nina enikholwayo! Ngempela uMvelinqangi uyonivivinya ngokuthize okuyizinyamazane ezizingelwayo okufinyelela kuzona izandla zenu nemikhonto yenu ukuze uMvelinqangi azi ukuthi ngubani owonayo emva kwalokho okwakhe yisijeziso esibuhlungu.
95. Oh Nina enikholwayo! Ningazibulali izinyamazane (izinambuzane) ngenkathi nisesimweni se-ihraam (ukwenza iHajj noma i-Umrah) futhi noma ngabe ngubani kunina osibulalayo (isinambuzane) ngenhloso inhlawulo iyalingana nalokho akubulele empahleni efuyiweyo njengoba kwehlulelwe abantu ababili abanobulungiswa phakathi kwenu kulethwe njengenhlawulo eKa'aba noma inhlawulo yokondla abampofu noma okulingana nalokho ngokuzila ukuze ezwe inhlawulo yodaba lwakhe, uMvelinqangi wakuthethelela lokho osekwadlula, kepha noma ngabe ngubani okwenzayo futhi ngakho-ke uMvelinqagi uyoziphindisela kuyena ngempela uMvelinqangi uphakeme ngamandla ungumnikazi wokuphindisela.
96. Zenziwa zaba semthethweni kunina izilwane zasolwandle nokudla kwazo, ukuze nisizakale kanye nalabo abayizihambi, futhi nanqatshelwa izilwane ezihlala emhlabeni uma nje nisasesimweni se-ihraam futhi sabani uMvelinqangi okunguyena eniyoqoqelwa kuyena.
97. UMvelinqangi wenza iKa'aba indlu engcwele yokuma abantu (ukuze badumise uMvelinqangi) nenyanga engcwele neminikelo yezilwane kanye nezinemiqhele yezimbali lokhu kungukuthi ukuze nazi ukuthi uMvelinqangi uyakwazi konke okusemazulwini nakho konke okusemhlabeni nokuthi uMvelinqangi wazi ngazozonke izinto.
98. Yazini ukuthi uMvelinqangi unzima ekujeziseni nokuthi uMvelinqangi uyathethelela unesihawu.

99. Yazini ukuthi uMvelinqangi unzima ekujeziseni nokuthi uMvelinqangi uyathethelela unesihawu.
100. Awukho (umthwalo) phezulu kwesithunywa ngaphandle kokudlulisa (umyalezo) futhi uMvelinqangi uyakwazi lokho enikuvezayo futhi nalokho enikufihlayo.
101. Ithi akulingani okubi nobuhle futhi noma ngabe ububi bukujabulisa kakhulu ngakho-ke sabani uMvelinqangi Oh nina eniqondayo! Ukuze mhlawumbe niphumelele.

***Isigaba seshumi nane (14)***

102. Oh nina enikholwayo! Ningabuzi ngezinto okungathi uma zivezwa kunina zinikhathaze futhi uma nibuza ngazo ngesikhathi iQur'an yehliselwa phansi niyokhonjiswa zona, uMvelinqangi wakuthethelela lokho futhi uMvelinqangi uyathethelela uyabekezela.
103. Abantu babuza (imibuzo enjalo) ngaphambilini kwenu ngenxa yayo (imibuzo) baphenduka abangakholwayo.
104. UMvelinqangi akazange enze (amakameli ango) bahira noma saiba noma uwasika noma uham (amakameli okwakunikelwe ngawo ezithixweni) kepha labo ababengakholwa baqamba amanga ngoMvelinqangi futhi iningi labo alinawo umqondo.
105. Futhi uma kuthi kubona, "wozani kulokhu okwembulwa uMvelinqangi nakusona isithunywa" bathi, "kwanele kuthina lokho esathola obaba bethu bekukona (bekulandela) noma ngabe obaba babo babengenalo ulwazi lwalutho futhi bengaholwanga.
106. Oh nina enikholwayo! Nakani imiphefumulo yenu, labo abedukayo angeke banilimaze ngalutho uma niholiwe, kuMvelinqangi niyophindela nonke, ngakho-ke uyonitshela ngalokho enanikwenza.
107. Oh Nina enikholwayo! Ubufakazi (abenziwe) phakathi kwenu uma omunye wenu eficwe ukufa ngesikhathi sokwaba

ifa, (makube) abantu besilisa ababili abanobulungiswa phakathi kwenu noma abanye ababili abayoqhamuka ngaphandle (okungesibona abenu) uma nina nihamba ezweni nehlelwe yisehlo esingukufa babambezeleni bobabili emva komthandazo ngakho-ke bobabili abafunge ngoMvelinqangi uma nibe nokungabaza (ngobuqotho babo abathi) angeke sishintshe ngazo (izifungo) ngenani (kokuyize leze), noma ngabe eyisihlobo esisondele futhi angeke sifihle ubufakazi bukaMvelinqangi ngempela thina besizoba kanye nabayizoni.

108. Kepha uma kufumaniseka ukuthi bona bobabili banesono ngakho-ke abanye ababili babo bayoma endaweni yabo (bayobamela) abayizihlobo eziseduze phakathi kwalabo abafuna ilungelo elisemthethweni, ngakho-ke bobabili abafunge ngoMvelinqangi ngempela ubufakazi bethu buyiqiniso ukwedlula ubufakazi babo bobabili futhi asizange sephule umthetho ngempela besizoba kanye nabayizoni.

109. Lokho kufanele kusondele ekuthini beza nobufakazi obuyibona ngqo noma besaba ukuthi izifungo zizothathwa emva kwezifungo zabo futhi sabani uMvelinqangi nilalele futhi uMvelinqangi akabaholi abantu abangahloniphi.

***Isigaba seshumi nanhlanu (15)***

110. Ngosuku uMvelinqangi ayohlanganisa ndawonye izithunywa bese ethi, "nathola mpendulo yini (kubantu ngezimfundiso zenu)" bayothi "Asinalwazi thina" ngempela wena ungonolwazi lwezinto ezifihlakele.

111. Ngesikhathi lapho uMvelinqangi eyothi "Oh Jesu! Ndodana kaMariya khumbula ububele bami phezulu kwakho naphezulu kukamama wakho ngesikhathi ngikweseka ngomoya ongcwele, ukhuluma nabantu usembelekweni futhi (noma) usukhulile nangesikhathi ngikufundisa ukubhala nobuhlakani neTora neVangeli futhi nangesikhathi udala ngobumba

okuyisimo senyoni ngemvume yami wabe usuphefumulela kuyona yaphenduka inyoni (ephilayo) ngemvume yami futhi walapha izimpumputhe nabanesifo sochoko ngemvume yami futhi nangesikhathi uvusa abafileyo ngemvume yami futhi nangesikhathi ngivimbela abantwana bakwa-Israel kuwena ngesikhathi ufika kubona nobufakazi obucacile ngakho-ke labo abangakholwa phakathi kwabo bathi, " lokhu akuyilutho ngaphandle komlingo ocacile).

112. Futhi ngesikhathi ngembula kubafundi ukuthi abakholwe kumina nasesithunyweni sami bathi, "sakholwa" futhi fakaza ukuthi ngempela thina singabazinikele ngaphansi kwentando kaMvelinqangi.

113. Ngesikhathi abafundi bethi, "Oh Jesu! Ndodana kaMariya ngakube ingakwazi yini iNkosi yakho ukuthi yehlisele phezulu kwethu ukudla okuvela ezulwini (uJesu) wathi sabani uMvelinqangi uma ningamakholwa".

114. Bathi, "sifisa ukuthi sidle kukona ukuze zeneliseke izinhliziyo zethu nokuthi sazi ukuthi usitshele iqiniso futhi sibe ngabanye babathula ubufakazi ngakho".

115. UJesu indodana kaMariya wathi, "Oh Mvelinqangi! Nkosi yethu thumela phansi kuthina itafula (eligcwele) ukudla okuvela ezulwini okuzoba umkhosi wethu wokuqala nowokugcina kuthina kanye nophawu oluvela kuwe futhi siphe isondlo (ngoba wena) ungumondli ongcono kakhulu".

116. UMvelinqangi wathi, "ngizokwehlisela phansi kunina ngakho-ke noma ngabe ngubani ongakholwa phakathi kwenu emva kwalokho ngempela mina ngiyomjezisa ngesijeziso engingakaze ngijezise ngisho noyedwa emihlabeni ngaso.

***Isigaba seshumi nesithupha (16)***

117. Futhi (khumbula) ngesikhathi lapho uMvelinqangi eyothi "Oh Jesu ndodana kaMariya! Ngakube wena watshela abantu

ukuthi ngithatheni mina nomama wami njengonkulunkulu ababili (izithixo) ngaphandle kukaMvelinqangi" (uJesu) uyothi, "udumo malube kuwe! Akusikona okwami ukuthi ngisho into okungesiyona eyami (engangifanele) ngeqiniso uma kungukuthi ngakusho wawuyokwazi lokho, uyakwazi konke okusemphefumulweni (okungaphakathi) kumina kepha mina angikwazi okungaphakathi kuwe, ngempela nguwena owazi okungabonwa".

118. Angishongo (lutho) kubona ngaphandle kwalokho owawungiphoqe ngakho ukuthi khonzani uMvelinqangi iNkosi yami neNkosi yenu futhi ngangiwufakazi kubona ngesikhathi ngangikanye nabo ngesikhathi ungenyusela phezulu, wena wawungumqaphi wabo futhi wena ungufakazi phezulu kwazo zonke izinto.

119. Uma ubajezisa bayizinceku zakho futhi uma ubathethelela ngakho-ke ngempela wena uphakeme ngamandla unobuhlakani.

120. UMvelinqangi uyothi, "lolu usuku lapho abaneqiniso bezozuza eqinisweni labo okwabo yizivande okugeleza ngaphansi kwazo imifula bayohlala khona ingunaphakade uMvelinqangi uyabathokozela futhi nabo bayamthokozela lokho kungukunqoba okukhulu".

121. UngokaMvelinqangi umbuso wamazulu nomhlaba nakho konke okukukho futhi yena unamandla ngaphezulu kwazo zonke izinto.

# (6)
# Al-An'am – Imfuyo (edla utshani)

## *Isigaba Sokuqala (1)*

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Udumo malube kuMvelinqangi okunguyena owadala amazulu nomhlaba futhi wenza ubumnyama nokukhanya besekuthi labo abangakholwanga balinganisa (abanye) neNkosi yabo.
2. Nguyena owanidala ngobumba wayesenquma isikhathi (senu sokufa) nesinye isikhathi esinqunyiwe (sokuvuka kwabafileyo) sikuye, besekuthi nina nibe ngabanokungabaza.
3. Futhi nguyena uMvelinqangi osemazulwini nasemhlabeni wazi izimfihlo zenu nenikuvezayo futhi uyakwazi lokho enikuzuzayo.
4. Futhi alukho uphawu oluza kubona ezimpawini zeNkosi yabo ngaphandle kokuthi bayazifulathela (izimpawu).
5. Ngakho-ke bayaliphika iqiniso ngesikhathi lifika kubona, kepha kuyofika kubona izindaba ngalokho ababenza ngakho inhlekisa.
6. Ababoni yini ukuthi zingaphi izizukulwane esazibhubhisa ngaphambilini kwabo, esazizinzisa emhlabeni ngendlela esingazange sinizinzise ngayo, senisa phezu kwabo (imvula) eningi evela esibhakabhakeni futhi senza imifula egeleza ngaphansi kwabo, ngakho-ke sababhubhisa ngenxa yezono zabo futhi sadala emva kwabo ezinye izizukulwane.
7. Futhi noma ngabe sathumela phansi kuwena incwadi (umyalezo) obhalwe ephepheni bese beyawuthinta ngezandla zabo ngempela labo abangakholwa babezothi, "Lokhu akuyilutho ngaphandle kokuthi kuwumlingo ocacile".

8. Futhi bathi, “kungani kungathunyelwanga kuyena ingelosi, kepha ukube sasiyithumelile ingelosi ngempela udaba lwaluzoba ngolunqunyiwe babengeke banikwe ithuba”.
9. Futhi ukube sasimenze waba yingelosi ngempela sasizomenza avele njengendoda futhi ngempela sasizobamboza ngalokhu abazimboza ngako bona.
10. Futhi ngempela izithunywa zenziwa inhlekisa ngaphambilini kwakho, kepha kulabo ababehleka usulu kubona babezungelezwe yilokho ababenza ngako inhlekisa.

***Isigaba sesibili (2)***

11. Ithi, “hambani ezweni bese nibona ukuthi sasinjani isiphetho sabaphiki (beqiniso)”.
12. Ithi kungokukabani konke okusemazulwini nasemhlabeni na? Ithi, “kungokukaMvelinqangi uzenzele yena uqobo umusa ukuze aniqoqele ndawonye ngosuku lokuvuka kwabafileyo ekungenakungabaza kulo, labo abalahlekelwa yimiphefumulo yabo abangakholwayo”.
13. Futhi ingeyakhe noma ngabe yini ekhona ebusuku nasemini futhi yena ungozwayo owaziyo.
14. Ithi omunye esikhundleni sikaMvelinqangi engimthatha njengomvikeli ongumdali wamazulu nomhlaba? Futhi yena uyondla kepha akondliwa, ithi ngempela ngiphoqwe ukuthi ngibe owokuqala kulabo abazinikela (ngaphansi kwentando kaMvelinqangi) futhi ungabi ngomunye wabenzela uMvelinqangi abalekeleli ekumkhonzeni.
15. Ithi ngempela ngiyesaba uma ngingayihloniphanga iNkosi yami (ngesaba) isijeziso sosuku olukhulu.
16. Lowo oyoqhelelaniswa naso (isijeziso) ngalelolanga (uMvelinqangi) uyobe enomusa kuyena futhi lokho kuyobe kungukunqoba okucacile.

17. Uma uMvelinqangi ekuthinta ngenhlupheko akekho oyoyisusa (noma oyoyiqeda) ngaphandle kwakhe futhi uma ekuthinta ngokuhle (ekwenzele okuhle) ngakho-ke yena unamandla ngaphezulu kwazo zonke izinto.
18. Futhi yena akavinjelwa (ekubhekeni) ngaphezulu kwezinceku zakhe futhi yena unobuhlakani uyazi.
19. Ithi, "iyiphi into enkulu kakhulu ebufakazini" ithi, "uMvelinqangi ongufakazi phakathi kwami naphakathi kwenu futhi leQur'an yembulwa kumina (Muhammad) ukuze nginexwayise ngayo futhi nakunoma ngabe obani eyofinyelela kubona, ngakube ngempela nina nethula ubufakazi ukuthi ngaphandle kukaMvelinqangi kukhona abanye onkulunkulu, ithi "angibethuli ubufakazi" ithi, "nguyena kuphela onguMvelinqangi oyedwa futhi ngempela mina ngimsulwa kulokho enenzela ngako uMvelinqnagi abahlanganyeli ekumkhonzeni".
20. Labo esabanika incwadi bayazi njengoba bazi amadodana abo, labo abayolahlekelwa yimiphefumulo yabo (ngosuku lokwahlulelwa) ngakho-ke abangakholwa.

***Isigaba sesithathu (3)***

21. Futhi ngubani ongenabo ubulungiswa kakhulu kunalowo oqambela uMvelinqangi amanga noma ophika amavesi akhe na? Ngempela abayizoni abasoze baphumelela.
22. Futhi ngelanga (lokwahlulela) siyobaqoqela ndawonye bonke bese sithi kulabo ababenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni baphi abahlanganyeli (izithixo) zenu enanizenza onkulunkulu na?
23. Ngakho-ke angeke babenenkulumo nempikiswano ngaphandle kokuthi bathi "nguMvelinqangi oyiNkosi yethu asizange sibe ngabenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni (asizange sizikhonze izithixo).

24. Bheka ukuthi baziqambela kanjani amanga kepha ayonyamalala kubona (amanga) abawaqambayo.
25. Futhi phakathi kwabo kunalabo (abenza sengathi) bayakulalela kepha sabeka izisithezo ezinhliziyweni zabo ukuze bangayiqondi (incwadi) nasezindlebeni zabo akukho ukuzwa futhi uma bebona zonke izimpawu abakholelwa kuzona kuze kube uma befika kuwena baphikisana nawe, labo abangakholwa bathi lokhu akuyilutho ngaphandle kokuthi kuyizinganekwane zabantu basendulo.
26. Futhi bona bavimbela (abanye) kuyena futhi bayaziqhelelanisa naye futhi (ngokwenza njalo) ababhubhisi lutho ngaphandle kwemiphefumulo yabo kepha abakuboni (lokho).
27. Futhi uma ungase ubabone uma sebemiswe emlilweni bayothi "Oh! Sifisa sengathi besingabuyiselwa emumva (emhlabeni) besingeke siziphike izimpawu zeNkosi yethu futhi besizoba ngabakholwayo.
28. Kepha kwaba sobala kubona lokho ababekufihla ngaphambilini futhi noma ngabe babengaphindiselwa emumva babezophindisela kulokho ababenqatshelwe kukona, futhi ngempela bona bangabaqambimanga.
29. Futhi bathi, "Akuyilutho ngaphandle kwempilo yethu yakulomhlaba futhi thina asisoze savuswa (ngosuku lokuvuka kwabafileyo)".
30. Uma ungase ubabone uma sebemiswe ngaphambili kweNkosi yabo iyothi "ngakube lokhu akusilona yini iqiniso na"? Bayothi, "yebo ngeNkosi yethu" bese ithi, "ngakho-ke yizwani isijeziso ngenxa yalokho enaningakukholwa".

***Isigaba sesine (4)***

31. Bangabalahlekelwa labo abaphika ukuhlangana noMvelinqangi kuze kube yilapho befikelwa yihora (ukufa) ngokuzuma bathi, "Oh maye! Kuthina kwesasingakunakile futhi kulapho

bethwala imithwalo yabo ngemihlane yabo ngempela okubi yiloko abakuthwele.

32. Futhi impilo yakulomhlaba ayiyilutho ngaphandle kokuthi ingumdlalo nje nenjabulo kepha ngempela ikhaya lempilo ezayo lingcono kulabo abesaba (uMvelinqangi) ngakube aninawo umqondo yini na?

33. Siyazi ngempela ukuthi lokho abakukhulumayo ngempela kukwenza uphatheke kabi, ngakho-ke ngempela bona abakuphiki kepha izoni eziphika amavesi kaMvelinqangi.

34. Ngempela zaphikwa izithunywa ngaphambilini kwakho, zakubekezelela ukuphikwa kwazo nokuhlushwa kwaze kwafika kubona usizo lwethu futhi akekho ongaguqula amazwi kaMvelinqangi futhi ngempela lwafika kuwena ulwazi mayelana nezithunywa (ezazingaphambilini kwakho).

35. Futhi uma inzondo yabo ibankulu kuwena ngakho-ke uma ungakwazi ukuthola intunja emhlabeni noma iladi eliya esibhakabhakeni ukuze ukwazi ukubalethela uphawu, kepha ukube uMvelinqangi wayethanda ngempela wayezobaqoqela bonke ekuholweni ngakho-ke ungabi ngomunye wabangazi lutho.

36. Yilabo kuphela abezwayo abayophendula, kepha abafileyo uyobavusa uMvelinqangi, bayophindiselwa kuyena.

37. Futhi bathi, "kungani kungazange kuthunyelwe phansi kuyena uphawu oluvela eNkosini yakhe" Ithi, "ngempela uMvelinqangi unamandla okuthumela phansi uphawu kepha iningi labo alinalwazi".

38. Asikho isidalwa esinyakazayo (lapha) emhlabeni noma ngabe yinyoni endiza ngezimpiko zayo ngaphandle kwemiphakathi enjengani, asikhohlwanga yilutho encwadini ngakho-ke iseNkosini yabo (lapho) beyoqoqelwa khona.

39. Futhi labo abaphika amavesi ethu bayizithuli nezimungulu basebumnyameni, lowo amthandayo uMvelinqnagi umshiya

esekudukeni futhi lowo amthandayo umholela endleleni eqondile.

40. Ithi, "ngitshele uma isijeziso sikaMvelinqangi sehlela phezulu kwenu noma nificwa yihora ngakube niyomemeza abanye kunoMvelinqangi uma kungukuthi nineqiniso".

41. Qha, nguyena kuphela eniyommemeza ngakho-ke uyena kuphela oyosusa lokho enikumemeza kuyena uma ethanda futhi niyokhohlwa yilokho enanikwenzela uMvelinqangi ukuthi kube ngabahlanganyeli ekumkhonzeni (izithixo)

***Isigaba sesihlanu (5)***

42. Futhi ngempela sathumela (izithunywa) ezizweni ngaphambilini kwakho, ngakho-ke sababamba ngenhlupheko nobunzima mhlawumbe ukuze bazithobe.

43. Uma isijeziso sethu sifinyelela kubona kungani bengazithobi na? Kepha izinhliziyo zabo zilukhuni futhi usathane wabenzela kwaba kuhle konke lokho ababekwenza.

44. Kwathi lapho sebekhohlwa yilokho ababekhunjuziswe ngako, ngakho-ke sabavulela iminyango kuzona zonke izinto kwaze kwathi lapho sebejabulela lokho ababekunikiwe sababamba ngokungalindelekile ngesikhathi behlomeka belahlekelwe yithemba.

45. Ngakho-ke zanqunywa izimpande zalabobantu ababenze ukona futhi udumo lungolukaMvelinqangi iNkosi yemihlaba.

46. Ithi, "Ngitshele uma uMvelinqangi engase anephuce ukuzwa kwenu nokubona kwenu bese esicilela izinhliziyo zenu omuphi unkulunkulu ngaphandle kukaMvelinqangi ongabuyisela (lokho ezindaweni zako) kunina na? Bheka ukuthi siwaphindaphinda kanjani (ukuwachaza, nokuwacacisa) amavesi besekuthi bona beyawafulathela".

47. Ithi, "ngitshele uma isijeziso sikaMvelinqangi sifika kunina ngokungalindelekile noma ngokusobala ngakube abanye bayobhujiswa ngaphandle kwabantu abayizoni na?"
48. Futhi asizithumelanga izithunywa ngaphandle kokuthi zingabalethi bezindaba ezimnandi nabaxwayisi ngakho-ke noma ngabe ngubani okholwayo futhi azilungise angeke kubekhona ukwesaba kubona futhi bona angeke baphatheke kabi.
49. Futhi labo abaphika amavesi ethu bayothola isijeziso ngenxa yokuthi babephula imithetho.
50. Ithi anginitsheni yini ukuthi amagugu kaMvelinqangi akumina noma ukuthi ngiyakwazi okungabonwayo noma nginitshena ukuthi mina ngiyingelosi angilandeli lutho ngaphandle kokwembulwa kumina, ithi ngakube bayefana abangaboni nababonayo na? Ngakube anicabangi yini na?

***Isigaba sesithupha (6)***

51. Futhi xwayisa ngakho labo abesaba ukuthi bayoqoqelwa ngaphambili kweNkosi yabo angeke babenomvikeli nomncengeli ngaphandle kwakhe ukuze e babengabalungileyo.
52. Futhi ungabagxoshi labo abamemeza (abadumisa) iNkosi yabo ekuseni nakusihlwa belangazelela ubuso bayo, awunacala ngalutho kubona futhi nabo abanacala ngalutho kuwena ngakho-ke uma ubagxosha uzoba ngomunye wabayizoni.
53. Futhi sabavivinya kanjalo-ke abanye babo ngabanye ukuze bathi, "ngakube yibona yini labo uMvelinqangi abanobubele kubona phakathi kwethu na? Ngakube akusiyena yini uMvelinqangi owaziyo ngababongayo na?
54. Futhi uma beza kuwena labo abakholelwa emavesini ethu ngakho-ke ithi (kubona) ukuthula makube kunina iNkosi yenu yazibhalela yona umusa ukuze noma ngabe ngubani owenza okubi phakathi kwenu ngokungazi bese ephenduka

(ezisola) emva kwalokho futhi enze izenzo ezinhle ngakho-ke ngempela yena ungothethelelayo onesihawu.

55. Futhi siwachaza kanjalo amavesi ukuze indlela yezoni icace.

***Isigaba sesikhombisa (7)***

56. Ithi ngenqatshelwa ukuthi ngikhonze labo enibamemezayo (enibakhonzayo) esikhundleni sikaMvelinqangi ithi angeke ngilandele izifiso zenu ngoba ngiyoba ngodukile futhi angeke ngibe ngomunye wabaholelwe (endleleni eqondile).
57. Ithi ngempela mina ngisobufakazini obucacile obuvela eNkosini yami, kepha nina nabuphika anginako lokho enikujahayo, isinqumo akusona (samuntu) ngaphandle kokuthi singesika Mvelinqangi ukhuluma iqiniso futhi yena ungongcono kunabanye abehluleli.
58. Yithi ukube benginako lokho enikufisayo ngokushesha ngempela udaba beluzoba ngolunqunyiwe phakathi kwami nani futhi uMvelinqangi ungozazi kangcono izoni.
59. Futhi kuyena kunezihluthulela zokungabonwayo akekho ozaziyo ngaphandle kwakhe futhi wazi konke okusezweni nasolwandle futhi akuwi ngisho neqabunga ngaphandle kokuthi uyalazi noma uhlamvu ebumnyameni bomhlaba noma okumanzi noma okomile ngaphandle kokuthi (kushicilelwe) encwadini ecacile.
60. Futhi nguyena othatha imiphefumulo yenu ebusuku futhi uyazi ukuthi nenzeni emini bese eyanivusa kukona ukuze isikhathi esinqunyiwe sigcwaliseke, kukuye ukubuyela kwenu bese enitshela ngalokho enanikwenza.

***Isigaba sesishiyagalombili (8)***

61. Futhi yena akavinjelwa ukuba ngaphezulu kwezinceku zakhe uthumela kunina abalondolozi (izingelosi) kuze kuthi uma

oyedwa wenu efikelwa ukufa, izithunywa zethu (izingelosi zokufa) ziwuthathe umphefumulo wakhe futhi azinabo ubudedengu (emsebenzini wazo).

62. Bese bebuyiselwa kuMvelinqangi iNkosi yabo yeqiniso ngempela okwakhe ukwahlulela futhi yena ungoshesha kakhulu kwababalayo.

63. Ithi ngubani onikhipha ebumnyameni basezweni nobasolwandle nimmemeza ngokuzithoba nangemfihlo (nithi) uma usisindisa kulokhu ngempela sizoba kanye nababongayo.

64. Ithi uMvelinqangi onisindisayo (onikhipha) kukona futhi nakukho konke ukuhlupheka bese kuthi nina nenzele uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni.

65. Ithi yena unamandla okuthumela kunina isijeziso ngaphezulu kwenu noma ngaphansi kwezinyawo zenu noma animboze ngokunidida futhi enze abanye benu baxabane nabanye. Bheka ukuthi siwachaza kanjani amavesi ngezindlela ezahlukahlukene ukuze bawaqonde.

66. Kepha abantu bakho bayiphika (iQur'an) ibe iyiqiniso ithi angisiyena umhleli wezindaba zenu.

67. Zonke izindaba zinesikhathi esinqunyiwe futhi niyokwazi.

68. Futhi uma ubabona labo abakhuluma inkulumo engesilona iqiniso ngamavesi ethu, ngakho-ke qhelelana nabo kuze kube baqala enye inkulumo okungesiyona leyo futhi uma usathane ekwenza ukuthi ukhohlwe ngakho-ke emva kokukhumbula ungahlali kanye nabantu abayizoni.

69. Futhi labo abesaba uMvelinqangi abasiwona umthwalo kubona ngalutho, kepha ukubakhumbuzisa ukuze basabe uMvelinqangi.

70. Futhi bayeke labo abathatha inkolo yabo njengomdlalo nenjabulo futhi bakhohliswa yimpilo yalomhlaba ngakho-ke bakhumbuzise ngayo (iQur'an) hleze umphefumulo unikezelwe ekubhujisweni ngenxa yalokho okuzuzile (okuvunile) angeke ubenomvikeli futhi awuyikuba

namncengeli ngaphandle kukaMvelinqangi futhi noma ngabe (umphefumulo) uletha yonke inhlawulo angeke yemukeleke kuwona, labo-ke bayilabo abanikezelwe ekubhujisweni ngenxa yalokho abakuzuzile, okwabo ukuphuza amanzi abilayo nesijeziso esibuhlungu ngenxa yokuthi babengakholwa.

***Isigaba sesishiyagalolunye (9)***

71. Ithi ngakube siyomemeza (abanye) ngaphandle kukaMvelinqangi (labo) abangeke basisize ngalutho futhi abangeke basilimaze ngalutho futhi ngakube kufanele ukuthi siphendukele emumva ezithendeni zethu emva kokuthi uMvelinqangi esesiholile na? Njengalowo odukiswe osathane (bamshiye) edidekile, emhlabeni abangane bakhe bambizela ekuholweni (bethi) "woza kuthina" ithi ngempela ukuhola kukaMvelinqangi yikona kuhola, futhi saphoqwa ukuthi sizinikele eNkosini yemihlaba.

72. Nokuthi nenze umthandazo futhi nimesabe futhi nguyena eniyoqoqelwa kuyena.

73. Futhi nguyena owadala amazulu nomhlaba ngeqiniso futhi ngosuku uma ethi "akwenzeke" kuyenzeka izwi lakhe liyiqiniso futhi bungobakhe ubukhosi ngosuku lokushawa kwecilongo, uyisazi sokungabonwayo nokubonwayo futhi yena ungonobuhlakani owazi (konke).

74. Futhi (khumbula) ngesikhathi u-Abrahamu ethi kuyise u-Azar "ngakube uthatha izithixo njengonkulunkulu na? Ngempela mina ngibona wena nabantu bakho nisephutheni ngokucacile".

75. Futhi kanjalo-ke samkhombisa u-Abrahamu umbuso wamazulu nomhlaba ukuze abengomunye walabo abanokholo ngokuqinisekile.

76. Ngakho-ke kwathi lapho esembozwa ubumnyama bobusuku wabona inkanyezi wathi (u-Abrahamu) "lena yiNkosi yami" kwathi lapho isisithela wathi, "Angizithandi lezo ezisithelayo.
77. Kwathi lapho ebona inyanga ikhuphuka wathi, "lena yiNkosi yami" kepha kwathi lapho isisithela wathi uma ingangiholi iNkosi yami ngempela ngizoba ngomunye wabantu abedukileyo.
78. Kwathi lapho ebona ilanga liphuma wathi "lena yiNkosi yami lena inkulu kakhulu" kepha kwathi lapho selisithela wathi, "Oh Bantu bami! ngempela mina ngehlukene nalokho enikwenzela uMvelinqnagi abahlanganyeli ekumkhonzeni
79. Ngempela mina ngiphendukisele ubuso bami kulowo owadala amazulu nomhlaba oneqiniso, futhi mina angisiyena omunye walabo abenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni.
80. Futhi baphikisana naye abantu bakhe wathi (u-Abrahamu) ngakube niphikisana nami mayelana noMvelinqangi kulapho engiholile na? Futhi angikwesabi lokho enikwenza onkulunkulu ngaphandle uma ifisa iNkosi yami okuthize, ingamele zonke izinto iNkosi yami ngolwazi ngakube anikhumbuli yini na?
81. Kepha ngingakwesaba kanjani lokho enanikwenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni (izithixo) kepha nibe ningakusabi lokho enanikwenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni, lokho angalehliselanga phansi kunina igunya ngakho ngakho-ke eliphi lamaqembu amabili elinelungelo lokuphepha uma nina ninolwazi na?
82. Labo abakholwayo futhi abangahlanganisi ukukholwa kwabo nokubi labo-ke okwabo ukuphepha futhi bona bangabaholiweyo.

***Isigaba seshumi (10)***

83. Futhi lobo ubufakazi esabunika u-Abrahamu ukubhekana nabantu bakhe, siphakamisa amazinga kulowo esimthandayo, ngempela iNkosi yakho inobuhlakani inolwazi.
84. Futhi samnika u-Isaka noJakobe sabahola ngamunye wabo no-Nowa samhola ngaphambilini nesizukulwane sakhe uDavide noSolomoni noJobe noJosefa noMose no-Aroni, sibanikeza kanjalo-ke umvuzo abenzi bokuhle.
85. NoZakariya noJohane noJesu noElyas bonke babengabalungileyo.
86. No-Ishmayeli no-Elisha noJona noLothi futhi ngamunye wabo samkhetha ngaphezulu kwemihlaba.
87. Futhi abanye boyise nenzalo yabo nabafowabo (abazalwane) sabakhetha sabaholela endleleni eqondile.
88. Lokho ukuhola kukaMvelinqangi ahola ngako noma ngabe ubani amthandayo ezincekwini zakhe futhi ukube babenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni konke lokho ababekwenza kwakuyoba yize leze kubona.
89. Labo-ke bayilabo esabanika incwadi nokwahlulela nobuphrofethi kepha uma kungukuthi abakholwa kulokho labo-ke ngempela kuyobe sibanike wona (umyalelo) abantu abangeke bangakholelwa kuwo.
90. Labo-ke bayilabo abaholwa nguMvelinqangi ngakho-ke landela ukuholwa kwabo, ithi angiwufuni umvuzo kunina ngayo (iQur'an) kuphela yona iyisikhumbuzo emihlabeni.

***Isigaba seshumi nanye (11)***

91. Abazange bamcabangele uMvelinqangi ngendlela efanele acatshangelwe ngayo ngesikhathi bethi "akazange athumele lutho phansi uMvelinqangi kubantu" ithi ubani owathumela phansi incwadi okuyiyona afika nayo uMose engukukhanya

nokuholwa kwabantu niyenza ibe semaphepheni niyayiveza bese niyakufihla okuningi futhi nafundiswa lokho enaningakwazi nina naboyihlo ithi, nguMvelinqangi ngakhoke bayeke bezidlalela nje ezinkulumweni zabo eziyize leze.

92. Futhi Lena yincwadi esayithumela phansi ebusisiwe eqinisekisa leyo eyembulwa ngaphambilini kwayo ukuze ixwayise unina wamadolobha (iMakkah) nabobonke abayizungelezile nalabo abakholelwa empilweni ezayo bakholelwa kuyo, futhi bona bagcina imithandazo yabo.

93. Futhi ngubani ongenabo ubulungiswa kakhulu kunalowo oqambela uMvelinqangi amanga noma athi, "isambulo safika kumina" kube kungekho isambulo esafika kuyena nalowo othi "ngiyokwembula isambulo esifana naleso asembula uMvelinqangi" futhi uma ungazibona izoni zisebuhlungwini bokufa ngesikhathi izingelosi zelula izandla zazo (zithi) nikelani imiphefumulo yenu namhlanje nizothola umvuzo wesijeziso esiyihlazo ngenxa yalokho enanikusho ngoMvelinqangi okungesilona iqiniso futhi naniqholosha (niphika) amavesi akhe.

94. Ngempela nafika kuthina ngamunye njengoba sanidala ngesikhathi sokuqala futhi nashiya lokho esaninika kona ngemumva kwemihlane yenu futhi asiniboni nikanye nabancengeli benu okuyibona enanizenzela ukuthi babe ngabahlanganyeli ekukhonzeni uMvelinqangi ngempela bunqunyiwe ubudlelwano phakathi kwenu nabo, sekwanyamalala kunina konke lokho enanizifanekisela kona.

***Isigaba seshumi nambili (12)***

95. Ngempela uMvelinqangi owenza uhlamvu lwembewu nohlamvulwesundu ukuthi luqhekeke phakathi futhi luhlume wenza ukuthi kuvele okuphilayo kokufileyo futhi nguyena

owenza kuvele okufileyo kokuphilayo lowo nguMvelinqangi ngakho-ke niphambuka kanjani eqinisweni na?

96. Ungumahlukanisi wokusa, futhi wenza ubusuku bube ngobokuphumula nelanga nenyanga ukwahlulela (phakathi kobusuku nemini) lokho kungamandla ophakeme owaziyo.
97. Futhi nguyena owanibekela izinkanyezi ukuze zinihole (zinikhanyisele) ebumnyameni bezwe nolwandle sawachaza ngobunjalo bawo amavesi kubantu abaziyo.
98. Futhi nguyena owanidala emphefumulweni owodwa (Adam) waninika indawo yokuhlala nendawo yokubekwa, sawachaza ngobunjalo bawo amavesi kubantu abaqondayo.
99. Futhi nguyena owehlisela phansi amanzi (imvula) evela esibhakabhakeni okuyiyona esahlumisa ngayo imithi notshani okuyizinhlobonhlobo sihlumisa ngayo okuluhlaza esiveza kukona izinhlamvu eziyisixheke nasesihlahleni sesundu kuvela izithelo ezilengela phansi, nezivande zamagilebhisi nomhlwathi (umgwenya) nehalananda (isithelo esinezinhlamvu eziningi) eziwuhlobo olufanayo zibe zingefani, bheka izithelo zaso uma sithela nangenkathi kuvuthwa izithelo zaso ngempela kulokho kunezimpawu kubantu abakholwayo.
100. Kepha benzela uMvelinqangi amajinn ukuba abe ngabahlanganyeli ekumkhonzeni yize ewadalile, futhi ngokungesilona iqiniso babalela kuyena amadodana namadodakazi ngaphandle kolwazi, makadunyiswe futhi uphakeme ngaphezu kwakho konke lokho abakuqambayo.

***Isigaba seshumi nantathu (13)***

101. Ungumsunguli wamazulu nomhlaba angaba kanjani nendodana kulapho engenankosikazi na? Futhi wadala zonke izinto futhi yena uyisazi ngazo zonke izinto.
102. Lowo-ke nguMvelinqangi iNkosi yenu ayikho into enokukhonzwa ngaphandle kwakhe umdali wezinto zonke

ngakho-ke mkhonzeni futhi yena ungummeli phezulu kwazo zonke izinto.

103. Awukho umbono ongamqonda kepha nguyena oqonda imibono wazi ngazo zonke izinto.

104. Ngempela bufikile kunina ubufakazi obuvela eNkosini yenu ngakho-ke noma ngabe ngubani obonayo uyokwenzela umphefumulo wakhe futhi noma ngabe ngubani ozenza impumputhe uyokwenza maqondana naye futhi angisiyena umlondolozi wenu.

105. Siwachaza kanjalo-ke amavesi ngezindlela ezahlukahlukene ukuze bathi "ufundile" futhi ukuze silwenze lucace udaba kubantu abaziyo.

106. Landela lokho okwembulwa kuwena okuvela eNkosini yakho, ayikho into enokukhonzwa ngaphandle kwakhe futhi qhelelana nalabo abenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni.

107. Futhi ukube uMvelinqangi wayethanda babengeke bamenzela abahlanganyeli ekumkhonzeni futhi asizange sikubeke ukuba ube ngumlondolozi wabo futhi wena awusiyena umgadi wabo.

108. Futhi ningabethuki labo abamemeza (noma abakhonza abanye) ngaphandle kukaMvelinqangi hleze bathuke uMvelinqangi ngokuyiphutha ngaphandle kolwazi kanjalo-ke senzela leso naleso sizwe ukuba babone umsebenzi wabo, kuseNkosini yabo ukubuyela kwabo bese ibatshena ngalokho ababekwenza.

109. Futhi bafunga ngoMvelinqangi izifungo zabo ezinzima kakhulu uma kungase kufike kubona uphawu ngempela bangakholelwa kulona ithi, "izimpawu zikuMvelinqangi kuphela" futhi yini enganenza nibone ukuthi uma zona zingase zifike angeke bakholwe na?

110. Futhi sizochezukisa izinhliziyo zabo namehlo abo njengoba bengakholelwanga kukona ngesikhathi sokuqala futhi siyobashiya ekoneni kwabo beyizimpumputhe.

INGXENYE 8

## *Isigaba seshumi nane (14)*

111. Futhi noma ngabe sasithumele phansi kubona izingelosi futhi bakhuluma nabo abafileyo futhi saqoqela ndawonye ngaphambili kwabo zonke izinto babengeke bakholwe ngaphandle uma wayethanda uMvelinqangi kepha iningi labo alazi.
112. Futhi kanjalo-ke senzela lowo nalowo mphrofethi isitha, osathane abangabantu namaJinn, abanye babo bashiselekisa inkulumo ehlotshlisiwe kwabanye ukubakhohlisa futhi ukube iNkosi yakho yayithanda babengeke bakwenze lokho ngakho-ke bayeke bodwa nalokho abakuqambayo.
113. Futhi zingakuthambekela (zingakuvumela) lokho izinhliziyo zalabo abangakholelwa empilweni ezayo futhi bayakujabulela lokho nokuthi bangenza lokho abakwenzayo.
114. Ithi ngakube ngifuna omunye umehluleli ngaphandle kukaMvelinqangi kube kunguyena owathumela phansi kunina incwadi (iQur'an) echazwe ngokuphelele, nalabo esabanika incwadi bayayazi ukuthi yona iyisambulo esivela eNkosini yakho ngeqiniso ngakho-ke ungabi ngomunye wabanqikazayo.
115. Futhi lagcwaliseka izwi leNkosi yakho ngeqiniso nangobulungiswa akekho ongaguqula amazwi akhe futhi yena ungozwayo owaziyo.
116. Futhi uma uhlonipha iningi lalabo abasemhlabeni bazokudukisa endleleni kaMvelinqangi, abalandeli lutho ngaphandle kwemicabango futhi bona abaqambi lutho ngaphandle kwamanga.
117. Ngempela iNkosi yakho iyona eyazi kakhulu lowo ophambukayo endleleni yayo futhi yona yazi kangcono ngabaholelwe (endleleni eqondile).
118. Ngakho-ke yidlani kulokho okushiwo igama likaMvelinqangi kukona uma kungukuthi nina niyakholelwa emavesini akhe.

119. Futhi kungoba yini ningadli kulokho okushiwo igama likaMvelinqangi kukona (ngesikhathi kubulawa na?) kulapho anichazela ngokusobala lokho akwenqabela kunina ngaphandle kwaleso simo esiniphoqela kulokho futhi ngempela abaningi badukisa (abanye) ngezifiso zabo ngaphandle kolwazi, ngempela iNkosi yakho yona yazi kabanzi ngezoni.
120. Futhi yekani isono ngokusobala nangokufihlakele, ngempela labo abenza isono bayothola umvuzo ngalokho ababekwenza.
121. Futhi ningadli kulokho ekungashiwongo igama likaMvelinqangi kukona (ngesikhathi kubulawa) futhi ngempela kona kuwukungahloniphi futhi ngempela osathane bagqugquzela abangane babo ukuthi baphikisane nani futhi uma nibahlonipha (nibalalela) ngempela nina niyokuba ngabenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni (ngabakhonza izithixo).

***Isigaba seshumi nanhlanu (15)***

122. Kungabe lowo owayefile samvusa (samupha impilo) samenzela ukukhanya ahamba ngakho phakathi kwabantu njengalowo osebumnyameni angeke akwazi ukuphuma kukona kanjalo-ke kwenziwele abangakholwa kwakuhle lokho ababekwenza.
123. Futhi ngokunjalo sabeka kuwona wonke amadolobha abaholi ekwenzeni ukona kulona kepha aboni lutho ngaphandle kwemiphefumulo yabo kepha abakuboni (lokho).
124. Futhi uma befikelwa uphawu bathi asisoze sikholwe kuze kube sinikwa okufana nalokho okwakunikwe izithunywa zikaMvelinqangi, uMvelinqangi wazi kabanzi ukuthi ngubani ekufanele amnike umyalezo wakhe, bayohlushwa labo abenza uzungu. Ukuthotshiswa kukuMvelinqangi nesijeziso esinzima ngenxa yokwenza uzungu.
125. Ngakho-ke noma ngabe ngubani uMvelinqangi afisa ukumhola uvula isifuba sakhe esivulela i-Islam (ukuzinikela

ngaphansi kwentando yakhe) futhi noma ngabe ngubani afisa ukumdukisa wenza ukuba isifuba sakhe sivaleke futhi sinciphe sengathi uyakhuphuka uya ezulwini, kanjalo-ke uMvelinqangi wehlisela ulaka (lwakhe) phezulu kwalabo abangakholwayo.

126. Futhi lena yindlela yeNkosi yakho eqondile, sawenza acaca amavesi kubantu abanakayo.

127. Okwabo yindawo yokuhlala enokuthula eseNkosini yabo futhi yena ungumvikeli wabo ngenxa yalokho ababekwenza.

128. Futhi ngosuku lapho eyobaqoqela ndawonye bonke (bese ethi kubona) Oh Nina sixuku samaJinn! (Nadukisa) abantu abaningi futhi abasizi babo phakathi kwabantu bayothi, "Nkosi yethu abanye bethu bazuza ngabanye futhi sesifinyelele esikhathini sethu okuyisona owasinqumela sona", iyothi "umlilo yindawo yenu yokuhlala khona ingunaphakade" ngaphandle uma uMvelinqangi ethanda ngempela iNkosi yakho inobuhlakani iyazi.

129. Futhi ngokunjalo-ke senza abanye abayizoni ukuthi babe ngabangani babanye ngenxa yalokho abakuzuzayo.

## ***Isigaba seshumi nesithupha (16)***

130. Oh Nina sixuku samaJinn! Nabantu azizange zifike yini kunina izithunywa eziphuma phakathi kwenu zinitshena ngamavesi ami futhi zinixwayisa ngokuhlangana kwenu ngalolusuku (lokwahlulela) na? Bayothi "siyafakaza maqondana **n**athi" futhi **b**abekhohliswe yimpilo yalomhlaba futhi imiphefumulo yabo iyofakaza ukuthi ngempela bona babengababaphiki bokholo.

131. Lokhu kungenxa yokuthi iNkosi yakho ayizange ibhidlize amadolobha ngokuba yizoni (kwabo) futhi abantu bawo (amadolobha) babenganakile.

132. Futhi kubona bonke kunamazinga (ahlukahlukene) mayelana nalokho ababekwenza futhi akusikhona ukuthi iNkosi yakho ayikunakile lokho abakwenzayo.

133. Futhi iNkosi yakho ayidingi lutho inomusa, uma ithanda inganisusa (inganibhubhisa) bese ilandelise emva kwenu ngalokho (ngalabo) ebathandayo njengoba anivusa esizukulwaneni sabanye abantu.
134. Ngempela lokho enithenjiswa kona ngempela kuyeza angeke niphunyuke (kukona).
135. Ithi, Oh Bantu bami! Sebenzani ngendlela yenu nami ngenza ngendlela (yami) ngakho-ke niyokwazi ukuthi ubani oyothola ekugcineni ukuhlala (okuhle empilweni ezayo) ngempela angeke baphunyeleliswe abayizoni.
136. Futhi babela uMvelinqangi ingxenye kulokho akudalayo okutshalwayo nezinkomo (imfuyo) bathi lokhu kungokuka-Mvelinqangi ngendlela abasho ngayo futhi lokhu kungokwabahlanganyeli bethu (izithixo) ngakho-ke lokho okwezithixo zabo akufinyeleli kuMvelinqangi kepha lokho okukaMvelinqangi kona kuyafinyelela ezithixweni zabo, ububi yindlela abehlulela ngayo.
137. Futhi kanjalo benza kwakuhle kwabaningi kubakhonzi bezithixo ukubulala izingane zabo ukuze babaholele ekubabhubhiseni nokuthi babadidise enkolweni yabo, futhi ukube uMvelinqangi wayethanda babengeke bakwenze lokho ngakho-ke bayeke nalokho abakuqambayo.
138. Futhi bathi, "lezinto izinkomo nezitshalo kwenqatshelwe akekho ongazidla ngaphandle kwalowo esimthandayo ngokusho kwabo ukuthi izinkomo zenqatshelwe imihlane yazo (zenqatshelwe ukuthwala) nezinkomo (imfuyo) abangabizi igama likaMvelinqangi kuzona (ngesikhathi bezibulala) bamqambela okungesilona iqiniso uyobanika umvuzo ngenxa yalokho abakuqambayo.
139. Futhi bathi "Lokho okuseziswini zalezizinkomo kungokwabesilisa bethu kuphela futhi kwenqatshelwe kwabesifazane bethu, kepha uma kuzalwe kufile ngakho-ke bona bayohlanganyela kukona uyobanika umvuzo (isijeziso)

ngencazelo yabo (engesilona iqiniso) ngempela yena unobuhlakani uyazi".

140. Bangabalahlekelwe labo ababulala izingane zabo ngobuphukuphuku ngaphandle kolwazi futhi banqaba lokho ababela kona uMvelinqangi, beqamba amanga ngoMvelinqangi badukile futhi abaholelwanga (eqinisweni).

***Isigaba seshumi nesikhombisa (17)***

141. Futhi nguyena owenza ukuthi kuhlume izivande (izithombo) eziphwaswe ngezinti nezingaphaswe ngalutho nezihlahla zamasundu nezitshalo, izithelo zazo ezahlukahlukene nemihlwathi namahalananda (uhlobo lwesithelo elinezinhlamvu eziningi) ezifanayo kepha ezinambitheka (nokungefani) yidlani ezithelweni zazo uma sezivuthiwe nilethe inkokhelo yazo ngosuku lukuvuthwa kwazo futhi ningazimoshi (izithelo) ngempela yena akabathandi abamoshayo.

142. Futhi ezinye izilwane (njengamakameli) zadalelwa ukuthwala (nezinye) ezingadalelwanga ukuthwala nezincane (njengezimbuzi, amagusha nokunye) yidlani kulokho anabela kona uMvelinqangi futhi ningalandeli izinyathelo zika sathane ngempela yena uyisitha esisobala kunina.

143. Imibhangqwano eyisishiyagalombili amagusha amabili, nezimbuzi ezimbili, ithi ngakube okwesilisa okubili okungavumelekile noma isifazane esibili noma lokho okusezizalweni zesifazane esibili ngitsheleni ngolwazi uma kungukuthi nineqiniso.

144. Futhi nasemakamelini amabili (elesilisa nelensikazi) nasezinkomweni ezimbili (inkunzi nesithole) ithi ngakube akenzanga kwabasemthethweni okuyisilisa okubili noma okuyizinsikazi ezimbili noma lokho okusezizalweni ezimbili zezinsikazi noma naningofakazi (nanikhona) ngesikhathi

uMvelinqangi eniphoqa (enitshena) ngalokhu ngakho-ke ngubani ongenabo ubulungiswa kakhulu kunalowo oqambela uMvelinqangi amanga ukuze adukise abantu ngaphandle kolwazi, ngempela uMvelinqangi akabaholi abantu abayizoni.

***Isigaba seshumi nesishiyagalombili (18)***

145. Ithi angitholi lutho kulokho okwembulwa kumina okungavumeli lowo ofisa ukudla makakudle ngaphandle uma kungukuthi kuyisilwane esizifeleyo noma igazi elichithekileyo noma inyama yengulube ngempela lokho kungcolile noma ayikho emthethweni inyama (yesilwane) ekungabizwanga igama likaMvelinqangi ngesikhathi sihlatshwa ngakho-ke noma ngabe ngubani ophoqwa yisimo (noma esebunzimeni) engaqondile ukungahloniphi ngakho-ke ngempela iNkosi yakho iyathethelela iNomusa.
146. Futhi nakulabo abangamaJuda sabanqabela zonke izilwane ezinezinzipho nezinkomo namagusha sabanqabela emafutheni ako kokubili ngaphandle kwalokho okusemhlane wazo zombili noma okusemathunjini noma lokho okuhlangene nethambo kanjalo-ke sabanika umvuzo (isijeziso) ngokubayizoni kwabo futhi ngempela thina singabaneqiniso.
147. Uma bekuphika ngakho-ke ithi, "iNkosi yenu (iyiNkosi) enomusa omkhulu, intukuthelo yayo (isijeziso sayo) angeke siqhelelane (noma sisuswe) kubantu abayizoni".
148. Bayothi labo ababenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni (abakhonzi bezithixo) ukube uMvelinqangi wayethanda sasingeke simenzele abahlanganyeli ekumkhonzeni ngisho nabobaba bethu futhi sasingeke senqabele lutho, ngokunjalo baqamba amanga labo ababengaphambilini kwabo kwaze kwaba bezwa intukuthelo yethu, ithi "ngakube kukhona yini eninakho okuwulwazi na? Ngakho-ke sikhipheleni kona,

anilandeli lutho ngaphandle kwemicabango futhi nina anenzi lutho ngaphandle kokuqamba amanga".

149. Ithi "bungobukaMvelinqangi ubufakazi obuphelele ngakho-ke ukube wayethanda ngempela wayezonihola nonke".

150. Ithi "lethani ofakazi benu labo abafakaza ukuthi uMvelinqangi akenzanga kwaba semthethweni lokhu, ngakho-ke uma befakaza ungafakazi kanye nabo futhi ungalandeli izifiso zalabo abaphika amavesi ethu nalabo abangakholelwa empilweni ezayo futhi bona balinganisa (abanye) neNkosi yabo".

***Isigaba seshumi nesishiyagalolunye (19)***

151. Ithi, "wozani nginitshele lokho iNkosi yenu eyanenqabela kona, ukuthi ningayenzeli abahlanganyeli ekuyikhonzeni nenze okuhle kubazali futhi ningazibulali izingane zenu ngenxa yobuphofu, thina siyanondla kanye nabo futhi ningasondelani nobubi lobo obusobala nalobo obufihlakele futhi ningawubulali umphefumulo awenza uMvelinqangi kwangabi semthethweni (ukuwubulala) ngaphandle kweqiniso, lokhu waniphoqa ngakho ukuze nisebenzise umqondo".

152. Futhi ningasondelani nengcebo yezintandane ngaphandle kokuba kuyilokhu okulungile kuze kube ukhule ngokwanele (lowo oyintandane) futhi nikezani isilinganiso nesisindo ngobulungiswa, asiwethwesi umphefumulo umthwalo ngaphandle kwalokho okuwulingene futhi uma nikhuluma khulumani ngobulungiswa noma ngabe (kuqondene) nezihlobo futhi nesivumelwano sikaMvelinqangi sifezeni, lokhu uniphoqa ngakho ukuze nikhumbule.

153. Futhi ngempela lena yindlela yami eqondile ngakho-ke yilandeleni ningalandeli (ezinye) izindlela zizonihlukanisa nendllela yakhe, lokhu waniphoqa ngakho ukuze nenze ukulunga.

154. Futhi sanikeza uMose incwadi saphelelisela (umusa) phezulu kwalowo owenza okuhle nencazelo yazo zonke izinto ngobunjalo bazo nokuholwa nomusa ukuze bakholelelwe ekuhlanganeni neNkosi yabo.

***Isigaba samashu amabili (20)***

155. Futhi lena yiNcwadi (iQur'an) ebusisiwe esayembula, ngakho-ke yilandeleni futhi nesabe (uMvelinqangi) ukuze nithole umusa.
156. Hleze nithi, "Kuphela incwadi yembulwa emaqenjini amabili ngaphambilini kwethu kepha sasinganakile ukuthi babefundani".
157. Noma hleze nithi "ukube kuphela yayehliselwe phansi kuthina incwadi ngempela sasizoba ngabaholwa kakhulu kunabo, manje senafikelwa ubufakazi obucacile obuvela eNkosini yenu nokuholwa nomusa ngakho-ke ubani owenza okubi kakhulu kunalowo ophika amavesi kaMvelinqangi (izimpawu, ubufakazi, izifundo, izembulo kanye nezibonakaliso) bese eyawafulathela (amavesi) siyobanika umvuzo labo abafulathela amavesi ethu (siyobanika) isijeziso esibi ngenxa yalokho ababekufulathela.
158. Ngakube balinde okunye ngaphandle kokuthi zize kubona izingelosi noma kuze iNkosi yakho uqobo noma kuze amanye amavesi eNkosi yakho ngosuku lapho kuza khona amanye amavesi eNkosi yakho, lapho umphefumulo ungeke usizwe ukukholwa kwawo (umphefumulo) owawungazange ukholwe ngaphambilini noma ungazange wenze okuhle ekukholweni kwawo. Ithi "lindani nathi singabalindileyo".
159. Ngempela labo abahlukanisa inkolo yabo bese kuba amaqembu ahlukehlukene awungene ngalutho kulolodaba labo kuphela udaba lwabo luqondene noMvelinqangi manjalo bese ebatshela ngalokho ababekwenza.

160. Lowo oletha okuhle (ngosuku lokwahlulelwa) okwakhe okuphindwe kashumi okufana nalokho (okuhle akwenzile) kepha lowo oletha okubi (izenzo ezimbi) angeke anikwe umvuzo ngaphandle kokufana nako (lokho okubi) futhi angeke kwenziwe okungenabo ubulungiswa kubona.
161. Ithi ngempela mina ngaholelwa yiNkosi yami endleleni eqondile, inkolo eqondile inkolo ka-Abrahamu oqotho futhi owayengesiyena omunye walabo abenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni.
162. Ithi ngempela umthandazo wami nomnikelo wami nokuphila kwami nokufa kwami kungokukaMvelinqangi iNkosi yemihlaba.
163. Akanabo abahlanganyeli (uMvelinqangi) futhi ngaphoqwa ngokunjalo (Muhammad), futhi ngingowokuqala kwabazinikeleyo (ngaphansi) kwentando kaMvelinqangi.
164. Ithi "ngakube ngifuna enye iNkosi esikhundleni sikaMvelinqangi kulapho yena eyiNkosi yazo zonke izinto futhi awukho umphefumulo ozuza (okunye) ngaphandle kokuqondene nawo futhi akekho umthwali womthwalo ekufanele awuthwalele omunye manjalo kuseNkosini yenu ukubuyela kwenu ngakho-ke uyonitshena ngalokho enaniphikisana kukona.
165. Futhi nguyena owanenza naba abalandelayo (ngokuhlala) ezweni futhi waphakamisa abanye benu ngamazinga ngaphezulu kwabanye ukuze anivivinye ngalokho aninika kona ngempela iNkosi yakho ingesheshayo ekujeziseni kepha ngempela yona ingethethelelayo inesihawu.

# (7)
# Al-A'ara'f – Unqenqema (indawo ephakeme)

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Alif Laam Meem Sad (Lamagama akekho noyedwa owazi incazelo yawo ngaphandle kukaMvelinqangi).
2. Lena yincwadi eyembulwa kuwena ngakho-ke isifuba sakho (inhliziyo yakho) ayingaphatheki kabi ngayo ukuze ukwazi ukuxwayisa ngayo nesikhumbuzo kwabakholwayo.
3. Landelani lokho okwembulwa kunina okuvela eNkosini yenu futhi ningalandeli abanye abavikeli ngaphandle kwayo (iNkosi yenu), kuncane lokho enikukhumbulayo.
4. Futhi mangaphi amadolobha esawabhubhisa, isijeziso sethu safika kuwona (amadolobha) ngenkathi belele ukulala kwasemini.
5. Akubanga khona ukukhala kubona ngesikhathi befikelwa yisijeziso sethu ngaphandle kokuthi bathi ngempela thina sasiyizoni.
6. Manjalo ngempela siyobabuza labo ababethunywe kubona futhi ngempela siyozibuza izithunywa.
7. Ngakho-ke ngempela siyobatshena (wonke umlando) ngolwazi futhi sasingakaze singabi khona.
8. Futhi ukukalwa kwesisindo (sezenzo zabantu) ngalelolanga kuyobe kuyiqiniso, ngakho-ke labo izisindo (zezenzo zabo ezinhle) eziyosinda esikalini labo-ke bayoba ngabaphumeleleyo.
9. Futhi labo izisindo (zezenzo zabo) eziyoba lula (esikalini) ngakho-ke labo bayilabo abalahla imiphefumulo yabo ngenxa yokuthi babengawathathi ngendlela efanele amavesi ethu.
10. Futhi ngempela sanibeka emhlabeni futhi sanenzela izindlela zokuphila kuwona, kuncane lokho enikubongayo.

## *Isigaba sesibili (2)*

11. Futhi ngempela sanidala sabe sesiyanibumba sabe sesithi ezingelosini ngempela "khothamelani u-Adamu" ngakho-ke zakhothama ngaphandle kuka-Iblis (usathane) akazange abe ngomunye wabakhothamayo.
12. (UMvelinqangi) wathi "yini lena ekuvimba ukuthi ungakhothami uma ngikuphoqa na?" Wathi (u-Iblisi-sathane) "mina ngingcono kunaye mina wangidala ngomlilo wadala yena ngobumba".
13. (UMvelinqangi) wathi yehlika (phuma) kulona (izulu) ngoba akufanele uqhoshe lapha ngakho-ke phuma, ngempela wena ungomunye walabo abehlisiwe (abathotshisiwe).
14. (U-Iblis) wathi "nginike ithuba kuze kube ilanga lokuvuswa kwabo".
15. (UMvelinqangi) wathi "ngempela wena ungomunye wabanikwe ithuba".
16. (U-Iblis) wathi "njengoba ungidukisile (ungangiholanga) ngempela ngizohlala ngibalinde endleleni yakho eqondile".
17. Manjalo ngiyoza kubona ngaphambili kwabo nangemva kwabo nangakwesokudla sabo ngakwesobunxele sabo futhi angeke uthole iningi labo lingababongayo.
18. (UMvelinqangi) wathi (ku-Iblis-sathane) phuma kulona (izulu) ungogxoshiweyo nogxekiweyo noma ngabe ngubani okulandelayo kubona ngempela ngiyogcwalisa isihogo ngani nonke.
19. Futhi Oh Adam! hlala wena nomkakho esivandeni ngakho-ke yidlani nobabili lapho nithanda khona futhi nobabili ningasondeli eduze kwalesisihlahla ngale kwalokho nobabili niyokuba ngabanye babayizoni.
20. Ngakho-ke usathane wabanyenyezela bobabili (okungalungile) ukuze kuvezwe kubona bobabili lokho okwakufihliweyo kubona bobabili okuyizitho zomzimba zangasese zabo bobabili

wayesethi usathane, "INkosi yenu nobabili ayinenqabelanga lesi sihlahla ngaphandle kokuthi hleze nobabili niphenduke izingelosi noma nibe abayophila ingunaphakade".

21. Futhi wafunga (usathane) kubona bobabili (wathi) ngempela mina ngingomunye wabafiseli okuhle wenu nobabili.

22. Ngakho-ke wabadukisa ngenkohliso, ngakho-ke kwathi lapho sebesinambithile isihlahla lokho okwakufihlekile kubona bobabili (izitho zomzimba zangasese) zaba sobala kubona bobabili futhi bona bobabili baqala ukuzimboza ngamaqabunga esivande futhi iNkosi yabo bobabili yabamemeza bobabili (yathi) angizange yini nobabili nginenqabele kulomuthi na? futhi ngithi kunina nobabili ngempela usathane kunina nobabili uyisitha esisobala.

23. Bobabili bathi, "Nkosi yethu siyonile imiphefumulo yethu kepha uma ungasithetheleli futhi ungabi nomusa kuthina ngempela siyoba ngabanye babalahlekelweyo".

24. Wathi "phumani abanye benu bayizitha zabanye futhi emhlabeni kunendawo yenu yokuhlala nenjabulo yesikhashana".

25. Wathi niyophila kuwona (umhlaba) futhi niyofa kuwona futhi niyokhishwa (niyovuswa ngosuku lokuvuswa kwabafileyo).

## ***Isigaba sesithathu (3)***

26. Oh Bantwana ba-Adamu! Sathumela phansi kunina izingubo ukumboza ihlazo lenu (izitho zangasese zomzimba wenu) nokuhlobisa, nezingubo zokulunga lokhu kungcono, lokhu okunye kwamavesi kaMvelinqangi ukuze bangakhumbula.

27. Oh Bantwana baka-Adamu! ningavumeli ukuthi usathane anikhohlise njengoba akhipha abazali benu esivandeni [u-Adam noHawwa (eva)] ebakhumula izingubo zabo bobabili ukuze bobabili abakhombise izitho zabo bobabili zomzimba zangasese ngempela yena uyanibona yena nesizwe

sakhe kulapho ningeke nikwazi ukubabona khona ngempela thina senza ukuthi osathane babe ngabavikeli balabo abangakholwayo.

28. Futhi uma benze okubi bathi "safica obaba bethu bekwenza futhi uMvelinqangi owasiphoqa ngakho" Ithi, "ngempela uMvelinqangi akaphoqeli esonweni ngakube nikhuluma ngoMvelinqangi lokho eningakwazi?"

29. Ithi yangiphoqa iNkosi yami ngobulungiswa nokuthi nibhekise ubuso benu kuyona (emthandazweni) kuzona zonke izindawo zokudumisa uMvelinqangi futhi nimemeze ngobuqotho, eyakhe inkolo njengoba anidala niyophindela (kuyena).

30. Iqembu elaholwa neqembu elifanelwe ukuduka ngempela bona bathatha osathane njengabangane (abavikeli) esikhundleni sikaMvelinqangi futhi becabanga ukuthi bona bangabaholiweyo.

31. Oh Bantwana ba-Adam! thathani izembatho zenu kuzona zonke izindawo zomthandazo futhi nidle niphuze futhi ningamoshi, ngempela yena akabathandi abamoshayo.

## *Isigaba sesine (4)*

32. Ithi ngubani onqaba izembatho zikaMvelinqangi okuyizona azivezela izinceku zakhe nezinto ezinhle esabelweni na? Ithi, "zona ezalabo abakholwayo empilweni yakulomhlaba ngokumsulwa ngosuku lukuvuka kwabafileyo siwachaza kanjalo-ke amavesi ngobunjalo bawo kubantu abaziyo".

33. Ithi "iNkosi yami yanqabela kuphela okubi, lokho okusobala kukona nalokho okufihlekileyo nesono nengcindezelo ngokungesilona iqiniso futhi nenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni lokho okungazange kwehliswe igunya ngakho nokuthi nisho ngoMvelinqangi lokho eningakwaziyo".

34. Futhi kuzona zonke izizwe kunesikhathi esinqunyiwe ngakho-ke uma sesifikile isikhathi sabo angeke basilibazise isikhathi noma basiqhubekise.
35. Oh Bantwana baka-Adamu! Uma zifika kunina izithunywa ziphuma phakathi kwenu zinitshela ngamavesi ami ngakho-ke noma ngabe ngubani obaqotho futhi enze okuhle ngakho-ke angeke kubekhona ukwesaba kubona futhi bona angeke baphatheke kabi.
36. Futhi labo abaphika amavesi ethu futhi baqhoshe ngawo labo-ke bangabanqwamani nomlilo bona bayohlala kuwona ingunaphakade.
37. Ngubani ongenabo ulungiswa ngokwedlulele kunalowo oqambela uMvelinqangi amanga noma (lowo) ophika amavesi akhe na? Labo-ke iyobafica ingxenye yabo esencwadini kuze kube ziyafika kubona izithunywa zethu (izingelosi zokufa) zibenza ukuba bafe, (izingelosi) ziyothi baphi labo enanibamemeza esikhundleni sikaMvelinqangi na? Bayothi "basishiya" futhi iyofakaza imiphefumulo yabo ukuthi ngempela bona babengakholwa.
38. (UMvelinqangi) uyothi "ngenani ezizweni esezadlula ngaphambilini kwenu ezingamaJinn nabantu ningene emlilweni ngasosonke isikhathi uma isizwe singena siqalekisa udadewabo (isizwe esingene kuqala) kuze kube zihlangana ndawonye zonke (emlilweni, isizwe) sokugcina sazo siyothi kwesokuqala sazo "Nkosi yethu lezi (zizwe) zasidukisa ngakho-ke zinike isijeziso esiphindaphindiwe somlilo (uMvelinqangi) uyothi "kunina nonke (kunesijeziso) esiphindaphindiwe kepha anazi".
39. (Isizwe) sokuqala sazo siyothi kwesokugcina sazo "naningangcono kunathi ngakho-ke yizwani isijeziso ngenxa yalokho enakuzuzayo".

***Isigaba sesihlanu (5)***

40. Ngempela labo abaphika amavesi ethu futhi baqhoshe ngawo angeke bavulelwe iminyango yezulu futhi angeke bangene esivandeni kuze kube kuchusha ikameli embotsheni yenaliti. Futhi kanjalo-ke sibanika umvuzo abayizoni.
41. Okwabo esihogweni imibhede futhi ngaphezulu kwabo (kuyoba khona) izembozo (zomlilo) futhi kanjalo siyabanika umvuzo abayizoni.
42. Futhi nalabo abakholwayo abenza izenzo ezinhle asiwethwesi umphefumulo (okungaphezulu kwawo) ngaphandle kokuwulingene labo-ke bangabangani besivande bona bayohlala khona ingunaphakade.
43. Futhi siyosusa konke okusezifubeni zabo okungamagqubu, kuyogeleza ngaphansi kwabo imifula futhi bayothi "udumo lungolukaMvelinqangi okunguyena owasiholela kulokhu futhi besingeke siholeke ukube uMvelinqangi akazange asihole" ngempela zafika izithunywa zeNkosi yethu neqiniso futhi bayobizwa (kuthiwe) "lesisivande kwenziwe ukuthi nisizuze njengefa ngenxa yalokho enanikwenza".
44. Futhi abangani besivande (abangane bezulu) bayomemeza abangane besihogo (bayothi) "sithole ukuthi lokho esasikuthenjiswe yiNkosi yethu kuyiqiniso, ngakho-ke ngakube nikufumene lokho eyanethembisa kona iNkosi yenu kuyiqiniso na?" Bayothi, "yebo" ngakho-ke uyomemeza ummemezi phakathi kwabo (athi) isiqalekiso sikaMvelinqangi phezulu kwezoni.
45. Labo abavimbela (abanye) endleleni kaMvelinqangi futhi bathanda ukuyenza ibemazombezombe futhi bona abakholelwa empilweni ezayo.
46. Futhi phakathi kwabo kunesisithezo (udonga) futhi ezindaweni eziphakeme kunamadoda abazi bonke ngezimpawu zabo futhi bayomemezwa abangane bezulu (kuthiwe) "ukuthula makube

phezulu kwenu" abakangeni kulona (izulu) kepha bona banethemba (lokungena khona).

47. Futhi uma eguqulwa amehlo abo (eguqulelwa) kubangani bomlilo bayothi "Nkosi yethu ungasenzi ukuba sibe kanye nabantu abayizoni".

## ***Isigaba sesisithupha (6)***

48. Futhi bayomemeza abantu abasendawni ephezulu (bememeza) amadoda ababazi ngezimpawu zabo, bethi "kwanisiza ngani ukuqoqana ndawonye kwenu nokuqhosha kwenu (niphikisana nenkolo).

49. Ngakube labo bayilabo enafunga ukuthi akasoze uMvelinqangi abakhombise umusa, ngenani ezulwini akukho ukwesaba kunina futhi nina angeke niphatheke kabi.

50. Futhi abahlali bomlilo bayomemeza abahlali besivande (bathi) thelani phezulu kwethu amanzi noma okunye kulokho anabela kona uMvelinqangi, bathi "ngempela uMvelinqangi ukwenqabele kokubili (kubantu) abangakholwayo".

51. Labo abathatha inkolo yabo njengenjabulo nomdlalo futhi bekhohliswa yimpilo yalomhlaba ngakho-ke ngalolusuku siyokhohlwa yibona njengoba (nabo) bakhohlwa ukuhlangana ngalolusuku lwabo futhi njengoba babewaphika amavesi ethu.

52. Futhi ngempela sabalethela incwadi esayichaza ngolwazi lokuhola nomusa kubantu abakholwayo.

53. Ngakube bayalinda ngaphandle kokugcwaliseka kwayo ngosuku kufika ukugcwaliseka kwayo na? Labo ababeyikhohliwe ngaphambilini bayothi, "ngempela zafika izithunywa zeNkosi yethu neqiniso ngakho-ke ngakube sinabo yini abancengeli ukuze basincengela na? Noma siphindiselwe emumva ukuze senze okunye hhayi lokho esasikwenza na? Ngempela yalahlekelwa imiphefumulo yabo futhi kwaqhelelana nabo lokho ababekuqamba.

## *Isigaba sesikhombisa (7)*

54. Ngempela iNkosi yenu nguMvelinqangi okunguyena owadala amazulu nomhlaba ezinsukwini eziyisithupha wayesebaphezulu kwesihlalo sobukhosi, wenza ukuthi ubusuku bumboze imini ufuna kwenzeke ngesivinini (wadala) nelanga nenyanga nezinkanyezi kwenziwe ukuthi kulandele umyalelo wakhe, ngempela okwakhe izidalwa nomyalelo obusisiwe nguMvelinqangi iNkosi yemihlaba.
55. Memezani iNkosi yenu ngokuzithoba nangasese, ngempela yena akabathandi abephuli bomthetho.
56. Futhi ningenzi ukona emhlabeni emva kokulungiswa kwawo futhi nimmemeze ngokwesaba nangokulangazelela, ngempela umusa kaMvelinqangi useduzane nalabo abenza okuhle.
57. Futhi nguyena othumela imimoya njengomazisi wezindaba ezimnandi ihamba ngaphambili komusa wakhe kuze kuthi uma ithwele ifu elisindayo siyisa ezweni elifileyo ngakhoke sehlisela phansi kulona (izwe) amanzi (imvula) esaveza ngayo zonke izinhlobonhlobo zezithelo kanjalo-ke siyabavusa abafileyo ukuze nikhumbule.
58. Futhi izwe elihle kumila imithi yalo ngentando yeNkosi yalo futhi lelo (lizwe) elibi akumili lutho (kulona) ngaphandle (kokumila okuncane) kanzima, kanjalo-ke siyawachaza amavesi ngezindlela ezahlukahlukene kubantu ababongayo.

## *Isigaba sesishiyagalombili (8)*

59. Ngempela sathumela uNowa ebantwini bakhe wabe esethi, "Oh Bantu bami! Khonzani uMvelinqangi aninaye uNkulunkulu (omunye onokukhonza) ngaphandle kwakhe, ngempela mina ngiyanesabela isijeziso selanga elikhulu.
60. Abaholi babantu bakhe bathi, "ngempela thina sikubona usekudukeni (okukhulu) okusobala".

61. (UNowa) wathi, "Oh Bantu! Angikho ekudukeni kepha mina ngiyisithunywa esivela eNkosini yemihlaba".
62. Ngidlulisela kunina umyalezo weNkosi yami futhi ngininika izeluleko eziqotho futhi nginolwazi oluvela kaMvelinqangi lulo eningalwazi.
63. Ngakube niyamangala ukuthi kuza kunina isikhumbuzo esivela eNkosini yenu ngomuntu ophuma phakathi kwenu ukuze anixwayise futhi nesabe uMvelinqangi ukuze nithole umusa.
64. Kepha abazange bamkholwe ngakho-ke samsindisa kanye nalabo ababekanye naye emkhunjini futhi saminzisa labo ababephika amavesi ethu ngempela bona babengabantu abayizimpumputhe.

***<u>Isigaba sesishiyagalolunye (9)</u>***

65. Futhi ku-Ad (Sathumela) umfowabo uHud wathi, "Oh Bantu bami! Khonzani uMvelinqangi aninaye omunye uNkulunkulu kunaye, ngakube animesabi yini (uMvelinqangi) na?"
66. Labo baholi abangakholwanga phakathi kwabantu bakhe bathi, "ngempela thina sikubona ubuwula futhi ngempela thina sicabanga ukuthi ungomunye wabaqamba amanga".
67. Wathi "Oh Bantu bami! Angisisona isiwula kepha ngiyisithunywa esivela eNkosini yemihlaba".
68. Ngidlulisela kunina imiyalezo yeNkosi yami futhi mina ngingumeluleki wenu othembekile.
69. Ngakube niyamangala yini ukuthi kuza kunina isikhumbuzo esivela eNkosini yenu ngomuntu ophuma phakathi kwenu ukuze anixwayise futhi khumbulani ngesikhathi enenza abalandelayo (isizukulwane esilandelayo) ngemva kwabantu baNowa futhi waninezezela ubukhulu ngokwendalo ngakho-ke khumbulani ububele bukaMvelinqangi ukuze niphumelele.

70. Bathi, "Ngakube uze kuthina ukuze sikhonze uMvelinqangi yedwa futhi siyeke lokho ababekukhonza obaba bethu ngakho-ke silethele lokho osisongela ngakho uma kungukuthi ungomunye wabaneqiniso".

71. (UHud) wathi "Isijeziso nolaka oluvela eNkosini yenu sekwehlele phezulu kwenu ngakube niphikisana nami mayelana namagama eniwaqambe zona (izinto) nina naboyihlo lawo angazange uMvelinqangi alehlisele phansi igunya ngawo ngakho-ke lindani ngempela mina ngikanye nani kwabalindileyo.

72. Ngakho-ke samsindisa kanye nalabo ababekanye naye ngomusa ovela kuthina futhi sanqamula izimpande zalabo ababephika amavesi ethu futhi babengesibona abakholwayo.

## *Isigaba seshumi (10)*

73. Futhi nakuThamud (sathumela) umfowabo uSalih wathi, "Oh Bantu bami! Khonzani uMvelinqangi aninaye omunye unkulunkulu ngaphandle kwakhe sebunifikele ubufakazi obucacile obuvela eNkosini yenu, leli yikameli lensikazi likaMvelinqangi oluwuphawu kunina ngakho-ke liyekeni lizidlele emhlabeni kaMvelinqangi futhi ningalithinti ngokulimaza hleze nithathwe yisijeziso esibuhlungu.

74. Futhi khumbulani ngesikhathi enenza ukuthi nibe ngabalandelayo emva kuka-A'd futhi wanizinzisa emhlabeni, nakha izindlu ezinkulu zobukhosi kalula naqopha izintaba (nakha) izindlu ngakho-ke khumbulani ububele bukaMvelinqangi futhi ningenzi ukona ezweni.

75. Bathi abaholi balabo ababeqhosha phakathi kwabantu bakhe kulabo ababebuthakathaka kulabo ababekholwa phakathi kwabo ngakube niyazi ukuthi uSalih uthunywe yiNkosi yakhe na? Bathi, "ngempela thina singabakholwayo kulokho athunywe nako".

76. Labo ababeqhosha bathi, "Ngempela thina asikholwa kulokho enikukholwayo".
77. Ngakho-ke balibulala ikameli eliyinsikazi bawudelela umthetho weNkosi yabo futhi bathi, "Oh Salih! Silethele lokho osisongela ngako uma ungomunye wezithunywa".
78. Ngakho-ke bathathwa ukuzamazama komhlaba basala (befile) emakhaya abo bebhumbuluzile.
79. Ngakho-ke (uSalih) wabafulathela wathi, "Oh Bantu bami! Nginitshenile umyalezo weNkosi yami futhi nganinika iseluleko esihle kepha anibathandi abeluleki abahle".
80. Futhi (khumbula) ngesikhathi uLothi ethi kubantu bakhe "ngakube nenza ukona okungakaze kwenziwe ngisho noyedwa ngaphambilini emhlabeni na?
81. Ngempela nina nikhanukela abesilisa esikhundleni sabesifazane manje nina ningabantu abeqa imithetho.
82. Kodwa impendulo yabantu bakhe ayibanga yilutho ngaphandle kokuthi bathi, "Bakhiphe edolobheni lenu ngempela bona bangabantu abathanda ukubamsulwa".
83. Ngakho-ke samsindisa kanye nomndeni wakhe ngaphandle konkosikazi wakhe wayengomunye wabasaleli ngemumva.
84. Futhi sanethisa phezulu kwabo imvula ngakho-ke bheka ukuthi sasinjani isiphetho sezoni.

***Isigaba seshumi nanye (11)***

85. Futhi (nakubantu) baseMidyan (sathumela) umfowabo uShu'aib wathi (kubona) Oh Bantu bami khonzani uMvelinqangi! aninaye omunye unkulunkulu ngaphandle kwakhe, ngempela selufikile kunina uphawu olucacile oluvela eNkosini yenu ngakho-ke gcwalisani isilinganiso nesisindo futhi ningaphangi izimpahla zabo futhi ningenzi ukona emhlabeni emva kokuba usulungisiwe, lokho kungcono kunina uma nina ningabakholwayo.

86. Futhi ningabohlala kuzona zonke izindlela nisonga futhi nivimba endleleni kaMvelinqangi labo abakholwa kuyena futhi bafuna ukuyenza (indlela) ukuthi ibe mazombezombe futhi khumbulani ngesikhathi naniyisibalo esincane wanenza nababaningi ngakho-ke bhekani ukuthi sasinjani isiphetho sezoni.

87. Futhi uma kuneqembu kunina elakholelwa kulokho engathunyelwa nako kanye neqembu elingazange likholwe ngakho-ke bekezelani kuze kube uyahlulela uMvelinqangi phakathi kwethu futhi yena ungongcono kunabo bonke abehluleli.

INGXENYE 9

88. Abaholi balabo (Bantu) abaqhoshayo phakathi kwabantu bakhe bathi, "ngempela sizokugxosha Oh Shu'aib kanye nalabo abakholwayo! Kanye nawe edolobheni lethu noma nibuyele enkolweni yethu" (uShu'aib waphendula) wathi, "noma ngabe singayithandi na"?

89. Kuyobe siqambele uMvelinqangi amanga uma sibuyele enkolweni yenu emva kokuthi esesisindisile uMvelinqangi kuyona, futhi akusikhona okwethu ukuthi siphindele kuyona ngaphandle uma ethanda uMvelinqangi iNkosi yethu. Inkosi yethu ingamele zonke izinto ngolwazi (lwayo) sithembele kuMvelinqangi (kuyena kuphela) Nkosi yethu hlulela phakathi kwethu naphakathi kwabantu bethu ngeqiniso futhi wena ungongcono kunabanye abehluleli.

90. Abaholi balabo ababengakholwa phakathi kwabantu bakhe bathi, "uma nilandela uShu'aib ngempela nina ningabalahlekileyo".

91. Ngakho-ke bathathwa ukuzamazama komhlaba basala (befile) ezindlini zabo bebhumbuluzile.

92. Labo abangamkholwanga (abamphika) uShu'aib kwaba sengathi abakaze bahlale lapho (ezindlini zabo), labo ababephika uShu'aib bona babengabalahlekelweyo.

93. Ngakho-ke (uShu'ab) waqhelelana nabo futhi wathi "Oh Bantu bami! Ngiwudlulisele kunina umyalezo weNkosi yami futhi nganeluleka, ngakho-ke ngingabazwela kanjani ubuhlungu abantu abangakholwayo na"?

***Isigaba seshumi nambili (12)***

94. Futhi asizange sithumele umphrofethi edolobheni ngaphandle kokuthi sabamba abantu balo (idolobha) ngenhlupheko nobunzima mhlawumbe ukuze bazithobe.
95. Sabe sesishintsha esikhundleni sokubi ngokuhle kwaze kwaba bayanda futhi bathi, "obaba bethu bathintwa ubunzima nenjabulo ngakho-ke sabathatha ngokuzamayo ngesikhathi benganakile.
96. Futhi uma abantu bamadolobha babekholiwe futhi benza ubuqotho ngempela sasizobavulela izibusiso ezivela ezulwini nasemhlabeni kepha banqaba ngakho-ke sabathatha ngenxa yalokho ababekuzuza (ababekwenza).
97. Kungabe bazizwa bephephile yini abantu basemadolobheni maqondana nokuthi kuze kubona isijeziso sethu ebusuku ngesikhathi bona belele na?
98. Noma ngakube bazizwa bephephile yini abantu basemadolobheni maqondana nokuthi kuze kubona isijeziso sethu ekuseni ngesikhathi bona bedlala na?
99. Ngakube bazizwa bephephile ecebweni likaMvelinqangi, kepha akukho namunye ophephile ecebweni likaMvelinqangi ngaphandle kwabantu abalahlekelweyo.

***Isigaba seshumi nantathu (13)***

100. Ngakube akucacile yini kulabo (bantu) abathatha izwe ukuba libe yifa emva kwabantu balo na? Ukube sasithanda

sasizobajezisa ngenxa yezono zabo futhi safaka isisicilelo ezinhliziyweni zabo ukuze bangezwa.

101. Lawo madolobha, sikutshena ezinye zezindaba zawo futhi ngempela zafika kubona izithunywa zabo nobufakazi obucacile kepha abazange bakholelwe kulokho ababekuphika ngaphambilini, kanjalo-ke uyazisicilela uMvelinqangi izinhliziyo zabangakholwa.

102. Futhi asizange sibatholele abaningi kubona isivumelwano kepha sathola iningi labo lingabephuli bomthetho (lingamhloniphi uMvelinqangi).

103. Sabe sesithumela emva kwabo uMose nezimpawu zethu kuFaro nabaholi bakhe ngakho-ke benza okungalungile ngazo (baziphika), bheka ukuthi sasinjani isiphetho sabantu ababenza ukona.

104. Futhi uMose wathi, "Oh Faro! Ngempela mina ngiyisithunywa esivela eNkosini yemihlaba".

105. Okuyiqiniso ukuthi ngingasho lutho ngoMvelinqangi ngaphandle kweqiniso, ngize kunina nezimpawu ezicacile ezivela eNkosini yenu ngakho-ke bathumele kanye nami abantwana bakwa-Israyeli.

106. (UFaro) wathi, "uma uze nophawu ngakho-ke luveze uma ungomunye wabaneqiniso".

107. Ngakho-ke (uMose) waphonsa induku yakhe kwaba yilapho yona iphenduka inyoka ecacile".

108. Futhi wakhipha isandla sakhe kwaba yilapho sona siphenduka sibamhlophe kwabasibonayo.

***Isigaba seshumi nane (14)***

109. Abaholi ebantwini bakaFaro bathi, "ngempela lona ngumlumbi onolwazi (olunzulu)".

110. (Ufaro) wathi, "ufuna ukunikhipha ezweni lenu ngakho-ke nicabanga ukuthi kwenziwe njani"?

111. (Abaholi baFaro) bathi, "mulibazise (uMose) nomfowabo bese uthumela izigijimi emadolobheni ukuyoqoqa (abalumbi)".
112. Ukuthi (izigijimi) zize kuwena nabo bonke abalumbi abanolwazi olunzulu.
113. Futhi abalumbi bafika kuFaro bathi, "Ngempela kufanele sithole umvuzo uma kungukuthi thina singabanqobi".
114. Wathi, "yebo futhi ngempela nina nizoba ngabanye balabo abasondelene (nami)".
115. Bathi (abalumbi baFaro) "Oh Mose! Uzophonsa (kuqala) noma thina sibe ngabaphonsayo".
116. (UMose) wathi, "phonsani, ngakho-ke kwathi lapho sebephonsa balumba amehlo abantu futhi babethusa futhi baveza umlingo omkhulu".
117. Futhi sembula kuMose (sathi) "phonsa induku yakho kwaba yilapho yona igwinya konke lokho ababeqamba amanga ngakho".
118. Ngakho-ke iqiniso lavela obala kwaphenduka ize leze konke lokho ababekwenza.
119. Ngakho-ke (uFaro nabalumbi bakhe) banqotshwa khona lapho futhi baphindela emumva bengabajabhileyo.
120. Futhi abalumbi bawa phansi (bephelelwe ngamandla).
121. Bathi "sikholiwe eNkosini yemihlaba".
122. INkosi kaMose no-Aroni.
123. UFaro wathi, "Nikholiwe kuyona ngaphambili kokuba ngininike imvume na? Ngempela leli yicebo enilenze edolobheni ukuze nikhiphe kulona abantu balo, kepha nizokwazi (manje).
124. Ngempela ngizoninquma izandla zenu nezinyawo zenu ezinhlangothini ezahlukene bese ngiyaninqamuleza nonke.
125. Bathi (abalumbi) "ngempela thina sizophindela eNkosini yethu".
126. Futhi wena uphindisela kuthina ngokuba sikholelwe ezimpawini zeNkosi yethu ngenkathi zifika kuthi, Nkosi

yethu thela phezulu kwethu isineke futhi usenze ukuthi sife singabazinikeleyo ngaphansi kwentando yakho (singama-Muslim).

## *Isigaba seshumi nanhlanu (15)*

127. Futhi abaholi babantu baFaro bathi, "uzomdedela yini uMose kanye nabantu bakhe ukuthi benze ukona ezweni bayeke wena nezithixo zakho na?" (UFaro) wathi, "sizobulala amadodana abo sigcine abesifazane babo bephila futhi ngempela thina sinamandla angavinjwa ngaphezulu kwabo".
128. UMose wathi kubantu bakhe, "Celani usizo kuMvelinqangi futhi bekezelani ngempela umhlaba ungokaMvelinqangi uwunikeza njengefa lowo amthandayo ezincekwini zakhe futhi (leso) yisiphetho (esihle) sabenza okulungileyo".
129. Bathi, "sahlushwa ngaphambi kokuba ufike kuthina nangemumva kokuba usufikile kuthina" wathi, "Ngempela iNkosi yenu izobhubhisa isitha senu bese inenza nibe ngabalandelayo emhlabeni ukuze ibone ukuthi nizokwenzenjani".

## *Isigaba seshumi nesithupha (16)*

130. Futhi ngempela sabajezisa abantu bakaFaro ngendlala iminyaka futhi sanciphisa izithelo ukuze ngempela bakhumbule.
131. Kepha uma kuza kubona okuhle bathi, "Okwethu lokhu" futhi uma behlelwe okubi bakusulela kuMose kanye nalabo abakanye naye, ngokungangabazeki kuphela amashwa abo akuMvelinqangi kepha abaningi kubona abazi.
132. Futhi bathi, "Noma ngabe uza naluphi uphawu ukusiloya ngalo angeke thina sikholelwe kuwena".

133. Ngakho-ke Sathumela kubona isikhukhula nesikhonyane nezintwala namaselesele negazi izimpawu ezicacile kepha (baqhubeka) nokuqhosha futhi babengabantu abayizoni.
134. Futhi kwathi lapho isijeziso sehlela phezulu kwabo bathi, "Oh Mose! sicelele iNkosi yakho ngalokho ethembise ngakho kuwena, uma ususe isijeziso kuthina ngempela sizokholelwa kuwena futhi ngempela sizobadedela (bahambe) kanye nawe abantwana baka-Israyeli".
135. Ngakho-ke kwathi lapho sesisisusile (sesisihlehlisile) kubona isijeziso kuze kube yisikhathi ekwakufanele basifice kwaba yilapho bona bephula isethembiso sabo.
136. Ngakho-ke sathatha umthetho wokuziphindisela kubona, sabaminzisa olwandle ngenxa yokuthi bona babephika izimpawu zethu futhi babengazinakile.
137. Futhi sabanika njengefa labo bantu ababethathwa ngokuthi babuthakathaka, izindawo ezingaseMpumalanga emhlabeni nezingaseNtshonalanga kwawona (umhlaba) okuyiwona esawubusisa futhi lagcwaliseka izwi leNkosi yakho elihle kubantwana bakwa-Israyeli ngenxa yokubekezela kwabo futhi sabhubhisa konke lokho ayekwenza uFaro nabantu bakhe nakho konke lokho ababekwakhileyo.
138. Futhi sabawelisa abantwana bakwa-Israyeli olwandle, bafika kubantu ababekhonza izithixo zabo bathi, "Oh Mose! Senzele nathi isithixo njengoba nabo benezithixo" (uMose) wathi, "ngempela nina ningabantu abangazi lutho".
139. Ngempela labantu, kuzobhujiswa konke lokhu ababambelele kukona futhi kuyize leze lokhu abakwenzayo.
140. Wathi, "Ngaphandle kukaMvelinqangi nginifunele yini (omunye) unkulunkulu kulapho yena anikhetha ngaphezulu kwemihlaba na"?
141. Futhi (khumbulani) ngesikhathi sinisindisa ebantwini bakaFaro ababenizwisa inhlupheko ngesijeziso esinzima bebulala amadodana enu beyeka abesifazane benu bephila

futhi kulokho kunokulingwa okukhulu okuvela eNkosini yenu.

***Isigaba seshumi nesikhombisa (17)***

142. Futhi sathembisa uMose ubusuku obungamashumi amathathu sabugcwalisa ngobuyishumi ngakho-ke sagcwaliseka isikhathi seNkosi yakhe ubusuku obungamashumi amane futhi uMose wathi kumfowabo u-Aroni, “thatha isikhundla sami phakathi kwabantu bami ubalungise futhi ungalandeli indlela yezoni”.

143. Futhi kwathi ngesikhathi uMose esefika ngesikhathi sethu esinqunyiwe futhi yakhuluma naye iNkosi yakhe (uMose) wathi, “Nkosi yami ngikhombise (isimo sakho) ukuze ngikwazi ukukubona” (uMvelinqangi) wathi “angeke ukwazi ukungibona, kodwa bheka entabeni ngakho-ke uma (intaba) ima endaweni yayo (ingawi) ngakho-ke uzongibona, kepha kwathi ngesikhathi isivela iNkosi yakhe entabeni, yayenza yabhidlika futhi uMose wawa phansi waquleka ngakho-ke kwathi lapho esephaphama (usubuyile umqondo wakhe) wathi udumo malube kuwe! Ngiphendukela kuwena ngokuzisola futhi mina ngingowokuqala kwabakholwayo”.

144. (UMvelinqangi) wathi, “Oh Mose! Ngempela mina ngikukhethile ngaphezulu kwabantu ngemiyalezo yami nangamazwi ami ngakho-ke thatha konke lokho engikunike kona futhi ube ngomunye wababongayo”.

145. Futhi sambhalela ezintweni zokubhalela imiyalelo yazozonke izinto nencazelo yazozonke izinto ngakho-ke yithathe (yonke imiyalezo) ngokugxilile futhi uphoqe abantu bakho ukuthi bayithathe ngobuhle bayo ngiyonikhombisa ikhaya lezoni.

146. Ngizobafulathelisa ezimpawini zami labo abaqhoshayo emhlabeni ngokungekho emthethweni futhi uma bebona zonke izimpawu angeke bakholelwe kuzona futhi uma bebona indlela yokulunga angeke bayithathe njengendlela elungileyo

kepha uma bebona indlela yokuduka bayithatha njengendlela elungileyo lokho kungenxa yokuthi bona babephika amavesi ethu futhi babengawanaki.

147. Futhi labo ababephika amavesi ethu nokuhlangana kwempilo ezayo ziyize leze izenzo zabo ngakube bayonikwa (omunye) umvuzo ngaphandle kwalokho ababekwenza na?

***Isigaba seshumi nesishiyalombili (18)***

148. Futhi abantu baMose emva kwakhe (ngenkathi engekho) bakha ngezinto zabo zokuhloba okungumfanekiso wethole (isithixo ukuba basikhonze) sinomsindo, ngakube babengaboni yini ukuthi lalingakwazi ukukhuluma nabo futhi lalingabaholeli endleleni (eqondile) balithatha (ukuba balikhonze lokho) okwenza ukuba babeyizoni.

149. Nangenkathi bezisola futhi bebona ukuthi bangabadukileyo bathi, "uma ingabi nomusa kuthina iNkosi yethu futhi ingasithetheleli ngempela sizoba ngabanye babalahlekelweyo".

150. Futhi ngenkathi uMose ephindela ebantwini bakhe wathukuthela waphatheka kabi wathi, "ububi yilokho enikubekileyo esikhundleni sami emva kwami (emva kokuba sengihambile) ngakube nijahe (ekweqeni) enikuphoqwe yiNkosi yenu na?" Wayeselahla phansi izinto zokubhalela wayesebamba umfowabo (u-Aroni) ngekhanda wamdonsela kuyena wathi, "ndodana kamama wami ngempela abantu babone ukuthi ngiyintengentenge futhi bacishe bangibulala ngakho-ke ungenzi ukuthi izitha zijabule ngami futhi ungangibeki kanye nabantu abayizoni".

151. (UMose) wathi, "Nkosi yami ngithethelele nomfowabo futhi usingenise emseni wakho futhi wena ungonomusa ukwedlula bonke abanomusa.

## Isigaba seshumi nesishiyagalolunye (19)

152. Ngempela labo abathatha ithole (ukuba balikhonze) bayothola intukuthelo evela eNkosini yabo nehlazo empilweni yakulomhlaba futhi kanjalo-ke sibanika umvuzo abaqambi bamanga.
153. Futhi labo abenza izenzo ezimbi bese beyazisola emva kwalokho futhi bakholwa ukuthi ngempela iNkosi yakho emva kwalokho iyathethelela inomusa.
154. Futhi ngenkathi intukuthelo kaMose yehla wacosha izinto zokubhalela emibhalweni yazo kwakunokuhola nomusa walabo abayesabayo iNkosi yabo.
155. UMose wakhetha ebantwini bakhe amadoda angamashumi ayisikhombisa ewakhethela isikhathi sethu esinqunyiweyo ngakho-ke kwathi lapho bethathwa ukuzamazama komhlaba wathi "Oh Nkosi yami! Ukube wawuthanda wawuzobabhubhisa ngaphambilini kanye nami, ngakube uzosibhubhisa ngenxa yalokho okwenziwa yiziwula phakathi kwethu na? Akuyilutho ngaphandle kokuthi kungukulinga kwakho, udukisa ngakho lowo omthandayo futhi uhola lowo omthandayo, wena ungumvikeli wethu ngakho-ke sithethelele futhi ubenomusa kuthina futhi wena ungongcono kunabanye abathetheleli.
156. Futhi Senzele ubuhle kulelizwe nasempilweni yakwelizayo ngempela thina singabaphendukele kuwena (uMvelinqangi) wathi, "isijeziso sami ngiyothweswa ngaso ubunzima lowo engimthandayo nobubele bami bungamele zonke izinto ngakho-ke (umusa wami) ngizowubekela kulabo abenza okuhle futhi abakhokha izakaah (ingxenye ethize engcebeni yabo) kanye nalabo abakholelwa emavesini ethu".
157. Labo abalandela isithunywa uMphrofethi (uMuhammad) ongafundile okunguyena abamthola kubhaliwe (ngaye) kubona kwiTorah naseVangelini ubaphoqa ngokuthi benze

izenzo ezinhle futhi abanqabele ukuthi benze okubi, futhi ubenzela kube semthethweni izinto ezinhle futhi abanqabele ezintweni ezimbi futhi ususa umthwalo kubona namaketanga ayekubona ngakho-ke labo abakholwayo kuyena (umphrofethi owayengafundile) bamhlonipha, bameseka futhi balandela ukukhanya okwehliswa kanye naye yilabo-ke okuyibona abayophumelela.

***Isigaba samashumi amabili (20)***

158. Ithi, "Oh Bantu! Ngempela mina ngiyisithunywa sikaMvelinqangi kunina nonke, okunguyena okungowakhe umbuso wamazulu nomhlaba ayikho into enokukhonzwa ngaphandle kwakhe uyaphilisa futhi uyabulala ngakho-ke kholwani kuMvelinqangi kanye nansesithunyweni sakhe umphrofethi ongafundile lowo okholwa kuMvelinqangi nasemazwini akhe futhi amlandele, ukuze mhlawumbe niholeke".

159. Futhi nakubantu baMose kuneqembu elihola (abantu) ngeqiniso futhi ngalo (iqiniso) benza ubulungiswa.

160. Futhi sabahlukanisa babayizizwe eziyishumi nambili futhi sembulela uMose ngenkathi abantu bakhe bemcela amanzi (sathi) shaya ngenduku yakho idwala ngakho-ke kwaphophoza kulona imithombo eyishumi nambili, bonke abantu bayazi indawo yabo yokuphuza futhi sabenzela umthunzi ngamafu futhi sabathumelela imana nezigcwaca dlanini ezintweni ezinhle esinabele zona futhi abazange basilimaze ngalutho kepha imiphefumulo yabo abayilima zayo.

161. Futhi khumbula ngenkathi kuthiwa kubona "hlalani kuledolobha nidle kulona noma yikuphi lapho nithanda khona futhi nithi sicela intethelelo (ezonweni zethu) futhi ningene esangweni niguqile ngokuzithoba siyonithethelela ukona kwenu siyokwandisa abenzi bokuhle.

162. Kepha labo abangenabo ubulungiswa bashintsha inkulumo hhayi leyo ababetshelwe yona ngakho-ke sathumela kubona inhlupheko evela ezulwnini ngenxa yokuthi babenza ukona.

***Isigaba samashumi amabili nanye (21)***

163. Futhi babuze ngedolobha elaliseduzane nolwandle ngesikhathi bephula (umthetho) wesabatha ngenkathi izinhlanzi ziza kubona ngokusobala ngosuku lwabo lwesabatha futhi mhla kungesilona usuku lwesabatha azizange zifike kubona kanjalo-ke sabalinga ngenxa yokuthi babengahloniphi.

164. Futhi khumbula ngenkathi umphakathi phakathi kwabo uthi, "kungani nishumayela kubantu uMvelinqangi azobabhubhisa noma abajezise ngesijeziso esinzima (abashumayeli) bathi, "ukuze singabi necala eNkosini yenu futhi ukuze mhlawumbe basabe (uMvelinqangi)".

165. Ngakho-ke ngenkathi bekholwa yilokho ababekhunjuziswe ngakho sabandisa labo ababe gwema okubi sabamba labo abenza okubi ngesijeziso esinzima ngenxa yokuthi babengahloniphi.

166. Ngakho-ke kwathi lapho bephikelela kulokho ababenqatshelwe kona sabe sesithi kubona "yibani izinkawu ezihlambalazekileyo".

167. Futhi khumbula ngenkathi lapho iNkosi yakho imemezela ukuthi ngempela iyothumela kubona kuze kube usuku lokuvuka kwabafileyo ibahluphekisa ngesijeziso esinzima kakhulu. Ngempela iNkosi yakho iyashesha ukujezisa futhi ngempela yona iyathethelela inesihawu.

168. Futhi sabehlukanisa emhlabeni babayizizwe phakathi kwabo kunabalungileyo futhi phakathi kwabo kunabangenjalo futhi sabavivinya (ngezinto) ezinhle nezimbi ukuze mhlawumbe baphenduke.

169. Ngakho-ke kwalandela emva kwabo inzalo eyathatha incwadi njengefa, ithatha izinto zalempilo ephansi futhi bathi, "siyothethelelwa" futhi uma zifika kubona izinto ezifana nalezo (zempilo yalomhlaba ophansi) bazozithatha ngakube asithathwanga yini kubona isivumelwano sencwadi ukuthi bangakhulumi ngoMvelinqangi ngaphandle kweqiniso futhi bakufunda okwakuphakathi kuyona (incwadi) futhi ikhaya lempilo ezayo lingcono kulabo abalungileyo ngakube aninawo umqondo yini na?

170. Futhi labo ababambelela encwadini (iQuran) futhi benze imithandazo ngempela thina angeke siwulahle umvuzo wabenza okuhle.

171. Futhi khumbula ngenkathi sithatha intaba siyiqongisa ngaphezu kwabo sengathi umpheme futhi bacabanga ukuthi (intaba) izowela kubona gxilani kulokho esanipha kona futhi nikhumbule okuphakathi kukona ukuze mhlawumbe nesabe uMvelinqangi.

***Isigaba samashumi amabili nambili (22)***

172. Futhi ngenkathi iNkosi yakho ithatha kubantwana ba-Adam emigogodleni yabo inzalo yabo futhi yabenza bafakaza emiphefumulweni yabo (yathi) angisiyona yini iNkosi yenu na? Bathi, "kunjalo" sifakazile ukuthi hleze nithi ngelanga lokuvuka kwabafileyo ngempela thina lokhu sasingakunakile.

173. Noma nithi, "Obaba bethu kuphela ababenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni ngaphambilini sabe sesiba yinzalo (yabo) emva kwabo ngakho-ke ngakube usibhubhisa ngenxa yokwenziwa abaqambi bamanga na?

174. Futhi kanjalo-ke siyawachaza ngobunjalo bawo amavesi ukuze baphenduke.

175. Futhi bafundele izindaba zalowo esamnikeza amavesi ethu ngakho-ke waziqhelelanisa nawo wayemlandela usathane ngakho-ke wayeseba ngomunye wabadukileyo.
176. Futhi ukube sasithanda ngempela sasizomphakamisa ngakho kepha yena waba semhlabeni walandela isifiso sakhe esiyize leze, umfanekiso wakhe unjengomfanekiso wenja uma uyigxosha ikhipha ulimi lwayo noma uyiyeka ikhipha ulimi lwayo, lokho kungumfanekiso wabantu abaphika amavesi ethu ngakho-ke batshele umlando ukuze bacabange.
177. Okubi umfanekiso walabo bantu ababephika amavesi ethu, nemiphefumulo yabo bayona.
178. Lowo oholwa nguMvelinqangi ungoholiweyo futhi lowo amdukisayo ngakho-ke labo bangabadukileyo.
179. Futhi ngempela sasidalele isihogo abaningi bamaJinn nabantu okwabo izinhliziyo abangaqondi ngazo futhi banamehlo abangaboni ngawo futhi banamadlebe abangezwa ngawo labo-ke banjengezinkomo kepha bona baduke ngokwedlulele labo-ke bona bangabanganakileyo.
180. Futhi angawaMvelinqangi amagama amahle ngakho-ke mubizeni ngawo nibayeke labo abaphika amagama akhe, bayonikwa umvuzo ngalokho ababekwenza.
181. Futhi kulabo esabadalayo kunomphakathi ohola (abanye) ngeqiniso futhi ngalo (iqiniso) wenza ubulungiswa.

## ***Isigaba samashumi amabili nantathu (23)***

182. Futhi labo abaphika amavesi ethu siyobaholela (ekubhujisweni) ngendlela abangayiboni.
183. Futhi ngibanika ithuba, ngempela isu lami linamandla.
184. Abacabangi yini ukuthi akuyena umngane (uMuhammad) wabo ohlanyayo na? Akayilutho ngaphandle kokuthi ungumxwayisi osobala.

185. Abawuboni yini umbuso wamazulu nomhlaba nazozonke izinto azidalayo uMvelinqangi nokuthi kungase kube sekusondele ukugcina kwezimpilo zabo, ngakube bayokholelwa kuyiphi inkulumo emva kwalena.
186. Noma ngabe ngubani uMvelinqangi amshiya ekudukeni akekho oyomhola futhi ubashiya ekoneni kwabo bempumputheka.
187. Bakubuza ngehora (usuku lokuvuka kwabafileyo) ukuthi liyofika nina ithi, "ulwazi lwalo luseNkosini yami kuphela akekho noyedwa owazi isikhathi sokufika kwalo ngaphandle kwakhe, liyasinda ngaphezulu kwamazulu nomhlaba angeke lifike kunina ngaphandle kokuthi lifike kungazelele", bayakubuza sengathi unolwazi ngalo ithi, "ulwazi lwalo likuMvelinqangi kuphela kepha abantu abaningi abazi".
188. Ithi, "Anginawo amandla enzuzweni noma ekulimaleni kwami ngaphandle kwalokho okuthandwe nguMvelinqangi futhi ukube bengikwazi okungabonwayo bengizoqinisa kokuningi okuhle futhi abukho ububi obabuzongithinta angiyilutho nje ngaphandle kokuthi ngingumxwayisi nomlethi wezindaba ezimnandi kubantu abakholwayo".

***Isigaba samashumi amabili nane (24)***

189. Nguyena owanidalayo emphefumulweni owodwa (u-Adam) wadala kuwona umsizi wawo (u-Eva) ukuze (u-Adam) ahlale naye (u-Eva) ngakho-ke kwathi lapho emumboza (elala naye) wakhulelwa ukukhulelwa okulula wahamba nako, ngakho-ke kwathi lapho sekusinda bamemeza bobabili uMvelinqangi iNkosi yabo bobabili (bathi) uma usinika (ingane) elungileyo ngempela sizoba ngabanye bababongayo.
190. Kepha kwathi lapho esebanike (ingane) elungileyo bamenzela abahlanganyeli kulokho ayebanike kona bobabili, ngakho-

ke uphakeme uMvelinqangi kunalokho abamenzela ngako abahlanganyeli ekumkhonzeni.

191. Ngakube benzela uMvelinqangi abahlanganyeli nalokho okungadali lutho kulapho bona badalwa na?

192. Futhi (izithixo) azikwazi ukubasiza nemiphefumulo yabo ayikwazi ukuzisiza.

193. Futhi uma nibamemela ekuholweni angeke banilandele kuyefana kunina (noma) niyabamema noma nina niyathula.

194. Ngempela labo enibamemezayo esikhundleni sikaMvelinqangi bayizinceku (badaliwe) njengani ngakho-ke bamemezeni baniphendule uma nina nineqiniso.

195. Ngakube banezinyawo abahamba ngazo noma banezandla ababamba ngazo noma banamehlo ababona ngawo noma banamadlebe abezwa ngawo na? Ithi bizani abahlanganyeli benu ekukhonzeni uMvelinqangi bese nibopha uzungu ngami ninganginiki ithuba.

196. Ngempela umvikeli wami nguMvelinqangi okunguyena owembula incwadi futhi yena ungumvikeli wabalungileyo.

197. Futhi labo enibamemezayo esikhundleni sakhe abakwazi ukunisiza noma ukuthi imiphefumulo yabo izisize.

198. Futhi uma nibamemela ekuholweni abezwa futhi ubabona bebheke kuwena kepha bona ababoni.

199. Khombisa ukuthethelela uyale ngokulunga futhi ubafulathele (uqhelelane) nabangazi lutho.

200. Futhi uma ukunyenyeza (okungcolile) kuvela kuSathane ngakho-ke funa isiphephelo kuMvelinqangi ngempela yena uyezwa unolwazi.

201. Ngempela labo abagwema okubi uma ufika kubona umcabango omubi ovela kusathane abakhumbule (uMvelinqangi) uma kungukuthi bona bayakubona (okuyiqiniso).

202. Nabafowabo (abangalungile) babahloma ekuphambukeni ngokugxilile besekuthi bangayeki (ukuduka) maduzane.

203. Futhi uma ungabaletheli isimangaliso (uphawu) bathi "kungani ungalulethanga (uphawu)"? Ithi "kuphela ngilandela lokho okwembuliwe kumina okuvela eNkosini yami, lena (yiQur'an) ubufakazi obuvela eNkosini yenu nokuholwa nomusa kubantu abakholwayo".

204. Futhi uma kufundwa iQur'an ngakho-ke yilaleleni futhi nithule ukuze ninikwe umusa.

205. Futhi khumbula iNkosi yakho emphefumulweni wakho ngokuzithoba nangokwesaba nangezwi elingamemezi ekuseni nakusihlwa futhi ungabi ngomunye wabanganakile.

206. Ngempela labo abakanye neNkosi yakho (izingelosi) azizigqaji ekumkhonzeni futhi ziyayidumisa (iNkosi yakho) futhi ziyayiguqela.

# (8)
# Surah Al-Anfal–Izimpango zempi (ezidliwe empini)

## ***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Bayakubuza ngezimpango zempi ithi, "izimpango zingezikaMvelinqangi nesithunywa ngakho-ke sabani uMvelinqangi bese nilungisa lokho okuphakathi kwenu (ukungezwani) futhi nihloniphe uMvelinqangi nesithunywa sakhe uma kungukuthi nina ningabakholwayo.
2. Kuphela abakholwayo yilabo uma kukhulunywa ngoMvelinqangi izinhliziyo zabo zigcwala ukwesaba futhi uma befundelwa amavesi akhe kuyenyukela kubona ukukholwa futhi babeka ithemba eNkosini yabo.
3. Labo abenza imithandazo futhi nakulokho esibabele kona bakusebenzise (banikele ngakho).
4. Labo-ke bangamakholwa eqiniso okwabo amazinga (aphezulu) eNkosini yabo nentethelelo nesabelo esihloniphekile.
5. Njengoba iNkosi yakho yakukhipha endlini yakho ngeqiniso futhi ngempela iqembu kwabakholwayo lalingakuthandi lokho.
6. Bayakuphikisa mayelana neqiniso emva kokuba selicacisiwe kungathi badudulelwa ekufeni (kulapho) bona bekubona.
7. Futhi ngenkathi uMvelinqangi enethembisa elinye lamaqembu amabili (elihlomile nelingahlomile) ukuthi lona libe ngelenu nafisa ukuthi lelo elalingahlomile kube ngelenu kepha uMvelinqangi uthanda ukumisa iqiniso ngamazwi akhe bese enqamula izimpande (amasu) abangakholwayo.
8. Ukuze amise iqiniso abhuntshise amanga yize noma ngabe abayizoni bekuzonda lokho.

***Isigaba sesibili (2)***

9. (Khumbulani) ngenkathi nifuna usizo lweNkosi yenu ngakho-ke yaniphendula (yathi) "ngempela mina ngizonilekelela ngenkulungwane yezingelosi zilandelana (enye ilandela enye).
10. Futhi uMvelinqangi akasenzanga (leso simemezelo) ngaphandle kokuba (sibe) yizindaba ezimnandi nokuthi ukuze zenelekiseke izinhliziyo zenu (zibe nokuthula) futhi akukho ukunqoba ngaphandle kokunqoba okuvela kuMvelinqangi ngempela uMvelinqangi uphakeme ngamandla unobuhlakani.
11. (Khumbulani) ngenkathi enimboza ngobuthongo okuwukuphepha okuvela kuyena futhi wehlisela phezulu kwenu amanzi (imvula) evela esibhakabhakeni ukuze anihlanze ngayo futhi wakususa kunina ukungcola kukasathane futhi ukuze aqinise izinhliziyo zenu nokuthi aqinise izinyawo (zenu) ngakho.
12. (Khumbula) ngenkathi iNkosi yakho yembula ezingelosini (ithi), "ngempela mina ngikanye nani ngakho-ke qinisani labo abakholwayo ngizophonsa uvalo ezinhliziyweni zalabo abangakholwayo ngakho-ke bashayeni ngaphezulu kwemiqala futhi nishaye yonke iminwe yabo.
13. Lokhu kungenxa yokuthi bona babephikisana noMvelinqangi nesithunywa sakhe futhi noma ngabe ngubani ophikisana ngakho, ngempela uMvelinqangi unzima ekujeziseni.
14. Leso (yisijeziso) senu ngakho-ke sizweni futhi ngempela okwabangakholwa yisijeziso somlilo (wesihogo).
15. Oh nina enikholwayo! Uma nihlangana empini nalabo abangakholwayo ningayifulathelisi imihlane yenu kubona.
16. Futhi noma ngabe ngubani ofulathelisa umhlane wakhe kubona ngalolosuku ngaphandle uma evivela impi noma ebalekela (kwelinye) iqembu uzehlisele intukuthelo kaMvelinqangi futhi isiphephelo sakhe yisihogo futhi sibi leso siphetho.

17. Ngakho-ke anibabulalanga kepha uMvelinqangi owababulala futhi awuphonsanga lutho ngenkathi uphonsa kepha uMvelinqangi owaphonsa ukuze avivinye abakholwayo ngakho ukuvivinya okuhle ngempela uMvelinqangi uyezwa unolwazi.
18. Lokhu (kuyiqiniso) futhi ngempela uMvelinqangi ungumenzi wesu labangakholwa ukuthi lingaphumeleli.
19. Uma (abangakholwayo) befuna isehlulelo sesifikile kubona kepha uma nipheza (ukwenza ukona) ngakho-ke lokho kungcono kunina kepha uma niphindela (ezonweni) sizophinda (ngoku nijezisa), futhi angeke liniphumelelise ngalutho iqembu lenu ngisho noma lingaba liningi uMvelinqangi ukanye nabakholwayo.

***Isigaba sesithathu (3)***

20. Oh nina enikholwayo! Hloniphani uMvelinqangi nesithunywa sakhe futhi ningamfulatheli nibe nizwa (amavesi akhe).
21. Futhi ningafani njengalabo abathi, "sizwile kepha bona bengezwa".
22. Ngempela (abantu) bayizidalwa ezihambayo ezimbi kakhulu kuMvelinqangi izithuli nezimungulu ezingenamqondo (yilabo abangakholelwa emavesini).
23. Futhi uma uMvelinqangi azi ubuhle obuthize kuzona (izidalwa) ubezozenza zizwe futhi uma ubezenze zezwa bezizophendukela emumva zona zingabaphiki (beqiniso).
24. Oh nina enakholwayo! Phendulani kuMvelinqangi nasesithunyweni (sakhe) uma sinibizela kulokho okuniphilisayo futhi yazini ukuthi uMvelinqangi uza phakathi komuntu nenhliziyo yakhe nokuthi niyoqoqelwa kuyena.
25. Futhi sabani ukulingwa (nokuvivinywa) okungeke kwehlele labo abakhethiweyo kunina abayizoni futhi yazini ukuthi uMvelinqangi unzima ekujeziseni.

26. Futhi khumbulani ngenkathi nanimbalwa nibuthakathaka ezweni nesaba ukuthi abantu bangase banithumbe ngakho-ke wanikhoselisa futhi waneseka ngosizo lwakhe wanabela ezintweni ezinhle ukuze nibonge.
27. Oh nina enikholwayo! musani ukuba abangathembekile kuMvelinqangi nasesithunyweni (sakhe) noma ningathembeki ezintweni enithenjwe ngazo nibe nazi.
28. Futhi yazini ukuthi kuphela umcebo wenu nezingane zenu kungukulingwa nokuthi kuMvelinqangi kunomvuzo omkhulu.

***Isigaba sesine (4)***

29. Oh nina enikholwayo! Uma nesaba uMvelinqangi uzonenza ukuba nikwazi ukwehlulela (phakathi kokuhle nokubi) futhi asule izono zenu futhi anithethelele futhi uMvelinqangi ungumnini womusa omkhulu.
30. Futhi (khumbula) ngenkathi bebopha uzungu ngawe labo abangakholwa ukuthi bakuvimbele noma bakubulalale noma bakuxoshe babebopha uzungu noMvelinqangi wabopha uzungu futhi uMvelinqangi ungongcono kunalabo ababopha uzungu.
31. Futhi uma befundelwa amavesi ethu bathi, "sizwile ukube besithanda besingasho okufana nalokhu, lokhu akuyilutho ngaphandle kokuthi kuyizinganekwane zasendulo".
32. Futhi (khumbula) ngenkathi bethi, "Oh Mvelinqangi! Uma kungukuthi lokhu kuyiqiniso elivela kuwena ngakho-ke nethisela amatshe phezulu kwethu avela esibhakabhakeni noma ulethe isijeziso esibuhlungu".
33. Futhi uMvelinqangi angeke abajezise nawe ukanye nabo futhi uMvelinqangi angeke abajezise kulapho bona becela intethelelo (kaMvelinqangi).

34. Futhi kungani uMvelinqangi engeke abajezise ngenkathi bona bevimbela (abantu) eMasjid Al-Haraam futhi babengesibona abalondolozi bayo, ayinabalondolozi ngaphandle kwabalungileyo kepha iningi labo alazi.
35. Futhi umthandazo wabo endlini (eMasjid Al-Haraam) wawungeyilutho ngaphandle kokushaya amakhwela nehlombe ngakho-ke yizwani isijeziso ngenxa yokungakholwa kwenu.
36. Ngempela labo abangakholwa bachitha ingcebo yabo ukuze bavimbe endleleni kaMvelinqangi ngakho-ke bayoqhubeka beyichitha (ingcebo) bese kuba ukuzisola (okukhulu) kubona bese benqotshwa futhi labo abangakholwa bayoqoqelwa ndawonye esihogweni.
37. Ukuze uMvelinqangi ahlukanise abangalungile kwabalungile futhi abeke abangalungile omunye phezulu komunye bese ebanqwabela ndawonye abafake esihogweni labo-ke yibona abalahlekelweyo.

***Isigaba sesihlanu (5)***

38. Ithi kulabo abangangakholwanga uma beyeka (ukungakholwa) bayothethelelwa (izono) zabo zakudala kepha uma bephindela (lapho ekungakholweni) ngakho-ke kwagcwaliseka lokho okwakwenziwa ngabantu basendulo.
39. Futhi nilwe nabo kuze kube kuyaphela ukungakholwa bese kuthi yonke inkolo ibengekaMvelinqangi kepha uma beyeka (ukungakholwa) ngakho-ke ngempela uMvelinqangi uyakubona lokho abakwenzayo.
40. Futhi uma befulathela ngakho-ke yazini ukuthi uMvelinqangi ungumvikeli wenu, umvikeli wekhethelo nomsizi wekhethelo.
41. Futhi yazini ukuthi uma nizuze okuthize empini ngakho-ke okukodwa kokuyisihlanu kwako kungokukaMvelinqangi nesithunywa nezihlobo ezisondelene nezintandane nabaswele nezihambi uma kungukuthi nina nakholwa kuMvelinqangi

nakulokho esakwehlisela phansi encekwini yethu ngosuku lokwahlukanisa ngosuku mzukwane kuhlangana amaqembu amabili futhi uMvelinqangi unamandla ngaphezulu kwazo zonke izinto.

42. (Khumbula) ngenkathi nina naninganeno kwesigodi bona bekude bengaphesheya kwesigodi nezinqola zazingezansi kwenu futhi ukube nanizamile ukuhlangana (nezitha) ngempela nanizohluleka emhlanganweni (empini) kepha ukuze uMvelinqangi afeze udaba olwaselunqunyiwe ukuthi labo okwakufanele babhubhe (ngenxa yokuphika kwabo ukholo) babhubhe ngobufakazi obucacile nalabo okwakufanele baphile (basinde ekubhujisweni) baphile ngobufakazi obucacile futhi ngempela uMvelinqangi uyezwa uyazi.

43. Khumbula ngenkathi ekukhombisa bona uMvelinqangi ephuphweni lakho bembalwa futhi ukube wakukhombisa bona bebaningi ngempela (nina abakholwayo) nanizolahlekelwa ugqozi futhi ngempela nanizophikisana odabeni (ukuthi niye empini noma ningayi) kepha uMvelinqangi wanisindisa ngempela yena uyisazi salokho okusezifubeni.

44. Futhi (khumbula) ngenkathi enikhombisa bona ngenkathi nihlangana bembalwa emehlweni enu futhi wanenza nabukeka nimbalwa emehlweni abo ukuze uMvelinqangi afeze udaba olwaselunqunyiwe futhi ikuMvelinqangi lapho zibuyiselwa khona izindaba.

***Isigaba sesithupha (6)***

45. Oh Nina enikholwayo! uma nihlangane neqembu (lezitha) yimani ngokuzimisela futhi nikhumbule uMvelinqangi kaningi ukuze niphumelele.

46. Futhi hloniphani uMvelinqangi nesithunywa sakhe futhi ningaphikisani lokho kunganenza ukuthi nilahlekelwe

ugqozi (lokuya empini) nokuphelelwa ngamandla enu futhi nibekezele ngempela uMvelinqangi ukanye nababekezelayo.

47. Futhi ningabi njengalabo abaphuma emizini yabo ngokuqhosha nokuthi babukwe ngabantu nokuthi bavimbela (abantu) endleleni kaMvelinqangi, futhi uMvelinqangi ungamele lokho abakwenzayo.

48. Futhi (khumbula) ngenkathi usathane ebenzela ukuthi imisebenzi yabo ibukeke imihle futhi wathi, "namhlanje akekho onganinqoba phakathi kwabantu futhi ngempela mina ngingumakhelwane wenu (ngizonisiza)" ngakho-ke kwathi lapho amabutho amabili ebonana (ehlangana empini) waphendukela ezithendeni zakhe (wabaleka) wathi "ngempela mina angihlangene nani ngempela mina ngibona lokho eningakuboni ngempela mina ngiyamesaba uMvelinqangi futhi uMvelinqangi unzima ekujeziseni".

***Isigaba sesikhombisa (7)***

49. Ngenkathi abangabazenzisi nalabo ezinhliziyweni zabo okunesifo (labo abangakholwayo) bethi (kulabo abakholwayo) laba bakhohliswa yinkolo yabo futhi noma ngabe ngubani othembela kuMvelinqangi ngakho-ke ngempela uMvelinqangi uphakeme ngamandla unobuhlakani.

50. Futhi uma wawungase ubone ngenkathi izingelosi zithatha imiphefumulo yalabo abangakholwa zibashaya ebusweni babo nasemihlane yabo (zithi) yizwani isijeziso somlilo oshayo.

51. Lokhu kungenxa yalokho okwenziwe yizandla zenu nokuthi uMvelinqangi akasiyena ongenabo ubulungiswa ezincekwini zakhe.

52. Njengokwenza kwabantu baFaro kanye nalabo ababengaphambilini kwabo abaphika amavesi kaMvelinqangi ngakho-ke wababamba uMvelinqangi ngenxa yezono zabo ngempela uMvelinqangi unamandla unzima ekujeziseni.

53. Lokhu kungenxa yokuthi uMvelinqangi akawushintshi umusa awethwesa abantu kuze kube yilapho beshintsha lokho okusemiphefumulweni yabo futhi uMvelinqangi ungozwayo owaziyo.
54. Njengokwenza kwabantu baFaro kanye nalabo ababengaphambilini kwabo baphika amavesi eNkosi yabo ngakho-ke sababhubhisa ngenxa yezono zabo saminzisa abantu baFaro futhi bonke babeyizoni.
55. Ngempela izidalwa ezihambayo ezimbi kuMvelinqangi yilezo eziphika ukholo ngakho-ke angeke bakholwe.
56. Labo owenza nabo isivumelwano bayasephula isivumelwano sabo ngasosonke isikhathi futhi bona abamesabi uMvelinqangi.
57. Uma nibafica empini hlakazekani kanye nabo ukuze labo abangemumva kwabo bakhumbule (babone).
58. Futhi uma kungukuthi wesaba ukuboshelwa uzungu ngabantu ngakho-ke phonsa (buyisela isivumelwano) kubona ngokufanayo ngempela uMvelinqangi akabathandi ababopha uzungu.

***Isigaba sesishiyagalombili (8)***

59. Futhi abangacabangi labo abaphika ukholo ukuthi bayosala (bayosinda ekujezisweni) ngempela bona angeke baphunyuke (ekujezisweni).
60. Futhi balindeleni ngawo wonke amandla nangamahhashi empi enisongela ngawo izitha zikaMvelinqangi kanye nezitha zenu nezinye ngaphandle kwalezo eningazazi uMvelinqangi uyazazi futhi noma ngabe yini eniyichithayo endleleni kaMvelinqangi iyobuyiselwa kunina futhi nina angeke nenziwe okungesibona ubulungiswa.
61. Futhi uma bethambekela (befuna) ukuthula ngakho-ke thambekela kukona futhi uthembele kuMvelinqangi ngempela yena ungozwayo onolwazi.

62. Futhi uma befuna ukukukhohlisa ngakho-ke ngempela uMvelinqangi wenele kuwena yena ungowokweseka ngosizo lwakhe nangabakholwayo.

63. Futhi wahlanganisa izinhliziyo zabo uma wawuchithe konke okusemhlabeni wawungeke uhlanganise izinhliziyo zabo kepha uMvelinqangi owabahlanganisa ngempela yena uphakeme ngamandla unobuhlakani.

64. Oh mphrofethi! ukwenele uMvelinqangi kanye nalabo abakulandelayo abangamakholwa.

***Isigaba sesishiyagalombili (9)***

65. Oh Mphrofethi! Gqugquzela abakholwayo ukuthi balwe (endleleni kaMvelinqangi), uma kukhona phakathi kwenu abangamashumi amabili ababekezelayo bayonqoba abangamakhulu amabili (kubona) futhi uma kunina kunabayikhulu bayonqoba abayinkulungwane kulabo abangakholwayo ngenxa yokuthi bona bangabantu abangaqondi.

66. Manje uMvelinqangi usenenzele kwabalula kunina futhi wazi ukuthi kunobuthakathaka kunina ngakho-ke uma kukhona abayikhulu kunina ababekezelayo bayonqoba abangamakhulu amabili futhi uma kukhona abayinkulungwane kunina bayonqoba abayizinkulungwane ezimbili ngentando kaMvelinqangi futhi uMvelinqangi ukanye nababekezelayo.

67. Akusikhona okomphrofethi ukuthi athumbe abantu empini ngaphandle kokuba uma (elwile nezitha) ezweni nifisa izinto zalomhlaba kepha uMvelinqangi (unifisela) impilo ezayo Futhi uMvelinqangi uphakeme ngamandla unobuhlakani.

68. Ukube kwakungesi ngenxa yesinqumo esivela kuMvelinqangi benizokwehlelwa yisijeziso esikhulu ngenxa yalokho enanikuthathileyo.

69. Ngakho-ke yidlani ezintweni enizizuzile empini ezisemthethweni ukuba zingadliwa ezinhle futhi nesabe uMvelinqangi, ngempela uMvelinqangi uyathethelela unesihawu.

***Isigaba seshumi (10)***

70. Oh Mphrofethi! Ithi kulabo abathunjwe empini abasezandleni zenu uma uMvelinqangi ekwazi okuhle okusezinhliziyweni zenu, uzoninika okungcono kunalokho okwathathwa kunina futhi anithethelele futhi uMvelinqangi uyathethelela unesihawu.

71. Futhi uma befisa ukwenza ubuqili kuwena ngempela babenza ubuqili kuMvelinqangi ngaphambilini ngakho-ke wakunika amandla ngaphezulu kwabo futhi uMvelinqangi uyazi unobuhlakani.

72. Ngempela labo abakholwayo abashiya imizi yabo baye kwenye indawo futhi bazabalaze ngengcebo yabo nangemiphefumulo yabo endleleni kaMvelinqangi kanye nalabo ababanika indawo yokukhosela futhi basiza, labo-ke abanye babo bangabangane babanye kanye nalabo abakholwa kepha abangazange bashiye imizi yabo baye kwezinye izindawo ningabavikeli ngalutho kuze kube bashiya imizi yabo baya kwezinye izindawo futhi uma becela usizo kunina mayelana nenkolo ngakho-ke umthwalo ophezulu kwenu ukubasiza ngaphandle kwabantu okunesivumelwano phakathi kwenu nabo futhi uMvelinqangi ungumboni walokho enikwenzayo.

73. Kanye nalabo abaphika ukholo abanye babo bangabangane babanye uma ningakwenzi lokho ifitna (ukungakholwa nengcindezelo) emhlabeni nokukhohlakala okukhulu.

74. Kanye nalabo abakholwayo futhi bashiya imizi yabo baya kwezinye izindawo futhi bazabalaza endleleni kaMvelinqangi kanye nalabo ababakhoselisa futhi babasiza

labo bangabakholwayo ngokweqiniso okwabo yintethelelo nokuhlinzekwa okusezingeni eliphezulu.

75. Futhi labo abakholwayo emva (kwesikhashana) futhi bashiya imizi yabo baya kwezinye izindawo futhi bazabalaza kanye nani ngakho-ke labo bangabangani benu, nezihlobo ezosondelene ezinye zazo kwezinye (mayelana nefa) elabekwa nguMvelinqangi, ngempela uMvelinqangi ungumazi wakho konke.

# (9)
# At-Tawbah – ukuphendukela (kuMvelinqangi ngentethelelo)

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Isimemezelo sokubamsulwa esivela kuMvelinqangi nesithunywa sakhe iya kulabo enenza nabo isivumelwano abangabakhonzi bezithixo.
2. Ngakho-ke hambani emhlabeni izinyanga ezine kepha nazi ukuthi nina angeke niphunyuke (esijezisweni) sikaMvelinqangi nokuthi uMvelinqangi ungohlaza abangakholwa.
3. Nesimemezelo esivela kuMvelinqangi nasesithunyweni sakhe esiya kubantu ngosuku olukhulu kakhulu lwehajj ukuthi uMvelinqangi ukhululekile ngabantu abakhonza izithixo kanye nesithunywa sakhe, ngakho-ke uma nizisola kuzoba ngcono kunina futhi uma niphendukela emumva (ekoneni) azini ukuthi nina angeke niphunyuke (esijezisweni) sikaMvelinqangi futhi batshele labo abangakholwa ngesijeziso esibuhlungu.
4. Ngaphandle kwalabo enenza nabo isivumelwano abayizikhonzi zezithixo bese benganidumazi ngalutho futhi bangeseki ngisho noyedwa (ekulweni noma ekuphikisaneni) nani ngakho-ke gcwalisa isivumelwano sabo kuze kube yisikhathi sabo esinqunyiweyo ngempela uMvelinqangi uyabathanda abalungileyo (abamesabayo).
5. Ngakho-ke uma sekudlule izinyanga ezingcwele seningababulala abakhonzi bezithixo noma ngabe yikuphi lapho nibathola khona futhi nibathumbe futhi nibavimbele nihlale nibalindele kuzona zonke izindawo zokucasha kepha uma bezisola futhi benza imithandazo futhi bekhokha izakaah

(ingxenye yengcebo ekhokhelwa abampofu) iyekeni indlela yabo ikhululekile, ngempela uMvelinqangi uyathethelela unesihawu.

6. Futhi uma oyedwa wabakhonza izithixo efuna ukuvikelwa nguwena ngakho-ke mvikele kuze kube uzwa amazwi kaMvelinqangi bese umuletha endaweni ephephile lokhu kungenxa yokuthi bona bangabantu abangazi (lutho).

***Isigaba sesibili (2)***

7. Singabakhona kanjani isivumelwano sabakhonzi bezithombe noMvelinqangi nasesithunyweni sakhe ngaphandle kwalabo enenza nabo isivumelwano eMasjid Al-Haraam ngakho-ke uma beqondile kunina yibani ngabaqondile kubona ngempela uMvelinqangi uyabathanda abalungileyo.
8. (Kungenzeka) kanjani ukuthi uma benehlula bangazinaki izibopho zobuhlobo nezesivumelwano na? Banithokozisa ngemilomo yabo kepha izinhliziyo zabo ziyenqaba (bayanikhohlisa) futhi iningi labo liyizoni.
9. Bathenga izimpawu zikaMvelinqangi okuyinzuzo encane ngakho-ke bavimbela (abantu) endleleni yakhe ngempela bona kwakukubi lokho ababekwenza.
10. Babengalinaki ikholwa mayelana nezibopho zobuhlobo noma ezesivumelwano futhi laba yibona abephula umthetho.
11. Kepha uma bezisola benza imithandazo futhi bakhokhe izakaah (ingxenye yengcebo ekhokhwa kwabampofu) ngakho-ke bangabazalwane benu enkolweni futhi siwachaza ngobunjalo bawo amavesi kubantu abanolwazi.
12. Futhi uma bephula izifungo zabo emumva kwesivumelwano sabo futhi bagxeke inkolo yenu ngakho-ke yilwani nabaholi bokungakholwa ngempela bona izifungo zabo aziyilutho kubona ukuze bayeke ukona.

13. Ngakube angeke nilwe yini nabantu abephula izifungo zabo na? Behlose nokugxosha isithunywa futhi kuyibona abanihlasela kuqala, ngakube niyabesaba yini na? Ngakho-ke uMvelinqangi ofanelwe kakhulu ukuthi nimesabe uma nina ningabakholwayo.
14. Yilwani nabo uMvelinqangi uzobajezisa ngezandla zenu futhi uyobahlaza bese enenza ukuba nibanqobe alaphe izifuba zabantu abakholwayo.
15. Futhi asuse intukuthelo yezinhliziyo zabo, futhi uMvelinqangi uthethelela lowo amthandayo futhi uMvelinqangi unolwazi unobuhlakani.
16. Ngakube nicabange ukuthi nizoyekwa ngenkathi uMvelinqangi engakabazi labo kunina abazabalaza kanzima abalwa (endleleni yakhe) futhi abangathathanga umeseki ngaphandle kukaMvelinqangi, isithunywa sakhe kanye nabakholwayo na? Futhi uMvelinqangi uyisazi ngalokho enikwenzayo.

***Isigaba sesithathu (3)***

17. Akusikona okwabakhonzi bezithixo ukuthi bangahlala eMasjid kaMvelinqangi kulapho benobufakazi emiphefumulweni yabo ngokungakholwa, labo izenzo zabo ziphenduke zaba yize leze futhi bona bayohlala emlilweni ingunaphakade.
18. Kuphela abahlala eMasjid kaMvelinqangi yilabo abakholwayo kuMvelinqangi nasosukwini lokugcina, benze imithandazo futhi bakhokhe izakaah (ingxenye yengcebo ekhokhwa kwabampofu) futhi bangesabi (omunye umuntu) ngaphandle kukaMvelinqangi ngakho-ke kulindelekile ukuthi labo babengabaholiweyo.
19. Ngakube niyakunaka yini ukupha labo abenza iHajj amanzi okuphuza nokulondoza iMasjid Al-Haraam njengalowo okholwa kuMvelinqangi nasosukwini lokugcina futhi

azabalaze kanzima endleleni kaMvelinqangi abalingani emehlweni kaMvelinqangi futhi uMvelinqangi akabaholi abantu abayizoni.

20. Labo abakholwayo abashiya imizi yabo baya kwezinye izindawo futhi bazabalaza endleleni kaMvelinqangi ngengcebo yabo nangemiphefumulo yabo okwabo yizinga eliphezulu kuMvelinqangi futhi laba yibona abanqobayo.

21. Ibatshena izindaba ezimnandi iNkosi yabo ngomusa ovela kuyona nenjabulo yayo nezivande okwabo kuzona yinjabulo engapheliyo.

22. Bayohlala khona ingunaphakade ngempela uMvelinqangi kuyena kunomvuzo omkhulu.

23. Oh nina enikholwayo! Ningabothatha oyihlo kanye nabafowenu ukuthi babengabavikeli uma bethanda ukungakholwa kunokukholwa futhi noma ngabe ngobani phakathi kwenu abaphendukela kubona ngakho-ke labo yibona abangabenzi bokubi.

24. Ithi, "uma kungukuthi oyihlo namadodana enu nabafowenu namakhosikazi enu, nezihlobo zenu nengcebo eniyizuzile nebhizinisi enisaba ukwehla kwalo, nezindlu enizithandayo eziyigugu ngokwedlulele kunina kunoMvelinqangi nesithunywa sakhe nokuzabalaza kanzima endleleni yakhe (uMvelinqangi) ngakho-ke lindani kuze kube uMvelinqangi uyeza nesinqumo sakhe futhi uMvelinqangi akabaholi abantu abayizoni.

## ***Isigaba sesine (4)***

25. Ngempela uMvelinqangi wanilekelela ezindaweni eziningi (zempi) nangosuku lwempi yaseHunayn ngenkathi kwakunithokozisa ukubabaningi kwenu kepha akuzange kunisize ngalutho nomhlaba njengoba ubanzi nenzelwa wancipha nabe senifulathela nibaleka.

26. UMvelinqangi wayesehlisela ukuthula kwakhe phezu kwesithunywa sakhe naphezu kwababakholwayo wayesethumela phansi amabutho eningazange niwabone (ngaphambilini) futhi wajezisa labo ababengakholwa futhi lokho ngumvuzo wabangakholwayo.
27. UMvelinqangi wayesephenduka ngentethelelo emva kwalokho kulowo amthandayo futhi uMvelinqangi uyathethelela unesihawu.
28. Oh nina enikholwayo! ngempela abakhonzi bezithixo bangcolile ngakho-ke abangasondeli eMasjid Al-Haraam emva kwalonyaka wabo futhi uma nesaba ubuphofu ngakho-ke uMvelinqangi uzoninothisa ngomusa wakhe uma ethanda, ngempela uMvelinqangi unolwazi unobuhlakani.
29. Yilwani nalabo abangakholwa kuMvelinqangi futhi abangakholelwa osukwini lokugcina futhi abangakwenqabeli lokho okwenqatshelwa uMvelinqangi nesithunywa sakhe futhi abangayilandeli inkolo eyiqiniso, phakathi kwalabo abanikezwa incwadi kuze kube bakhokha ijizya (intela) ngezandla zabo bezizwa bedunyaziwe.

## *Isigaba sesihlanu (5)*

30. Futhi amaJuda athi, "u-Ezra uyindodana kaMvelinqangi" namaKhrestu athi "uMesiya uyindodana kaMvelinqangi" lokhu kungamazwi abo abawasho ngemilomo yabo basho inkulumo efana neyalabo ababengakholwa ngaphambilini uMvelinqangi wababhubhisa ngokubalekelana kwabo neqiniso.
31. Bathathe ama-Rabbis (izifundiswa) nama-Monk (amaRoma abo angaganiwe ahlala esigodlweni) ukuthi babe ngamakhosi abo esikhundleni sikaMvelinqangi noMesiya indodana kaMariya (bamthatha njengeNkosi yabo) futhi babengazange baphoqwe ngalutho ngaphandle kokuthi bakhonze

uNkulunkulu oyedwa, ayikho into enokukhonzwa ngaphandle kwakhe, udumo lungolwakhe ngaphezu kwalokho abamenzela ngakho uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni.

32. Bafuna ukucisha ukukhanya kukaMvelinqangi ngemilomo yabo kepha uMvelinqangi angeke avumele lutho ngaphandle kokuphelelisiwa kokukhanya kwakhe yize noma ngabe bengakuthandi lokho abangakholwayo.

33. (UMvelinqangi) nguyena owathumela isithunywa sakhe nokuhola (okuyiqiniso) nenkolo yeqiniso (i-Islam ukuzinikela ngaphansi kwentando kaMvelinqangi) ukuze idlule zonke izinkolo noma ngabe bengakuthandi lokho abakhonzi bezithixo.

34. Oh nina enikholwayo! ngempela baningi abangama-Rabbi (izifundiswa) nama-Monk (amaRoma angaganiwe) ahlala esigodlweni abadla ingcebo yabantu ngokungemthetho futhi bevimbela (abantu) endleleni kaMvelinqangi kanye nalabo abaqongelela igolide nesiliva bengalisebenzisa endleleni kaMvelinqangi ngakho-ke batshene ngesijeziso esibuhlungu.

35. Ngosuku lapho kuyoshiswa khona emlilweni wesihogo (konke lokho ababengakusebenzisi endleleni kaMvelinqangi) bese kushiswa ngakho iziphongo zabo nezinhlangothi zabo nemihlaneyabo, (kuyothiwa) "ilokhu imiphefumulo yenu eyakuqoqela ndawonye ngakho-ke yizwani lokho enanikuqoqela ndawonye.

36. Ngempela isibalo sezinyanga kuMvelinqangi izinyanga eziyishumi nambili (onyakeni) kuyisinqumo sikaMvelinqangi (kusukela) ngosuku edala amazulu nomhlaba, kuzona (lezizinyanga) ezine zingcwele, leyo inkolo elungileyo ngakho-ke ningenzi ukuthi imiphefumulo yenu yenze okungenabulungiswa kuzona futhi yilwani nabakhonzi bezithixo nonke njengoba belwa nani bonke futhi yazini ukuthi uMvelinqangi ukanye nabalungileyo.

37. Ukuhlehlisa (inyanga engcwele) ngempela kungukunezezela ekungakholweni okudukiswa ngakho labo abangakholwayo bakwenza kube semthethweni (ukuyihlehlisa inyanga engcwele ngomunye) unyaka ukuze kuvumelane (nesibalo sezinyanga) azenza zaba ngcwele uMvelinqangi ngakho-ke bakwenza kwaba semthethweni lokho akwenqabela uMvelinqangi, yenziwa yabukeka kubona imihle imisebenzi yabo emibi futhi uMvelinqangi akabaholi abantu abangakholwayo**.**

***Isigaba sesithupha (6)***

38. Oh nina enikholwayo! kwenzekani kunina, uma kuthiwa kunina "hambani endleleni kaMvelinqangi (i-Jihad) aninyakazi ezweni nijabuliswa impilo yalomhlaba kunempilo ezayo na? Ngakho-ke injabulo yempilo yalomhlaba yincane kuneyempilo ezayo.
39. Uma ningayi phambili (ningahambi endleleni kaMvelinqangi) uzonijezisa ngesijeziso esibuhlungu bese enishintsha ngabanye abantu futhi angeke nimlimaze ngalutho futhi uMvelinqangi unamandla ngaphezu kwezinto zonke.
40. Uma ningamlekeleli (uMphrofethi) umlekelele uMvelinqangi ngenkathi bemgxosha labo abangakholwayo waba ngomunye wababili ngenkathi bobabili besemgedeni ngenkathi (oyedwa wabo) ethi komngane wakhe (Abubaker) "ungaphatheki kabi ngempela uMvelinqangi ukanye nathi" ngakho-ke uMvelinqangi wehlisela phansi ukuthula kwakhe kuyena futhi (uMvelinqangi) wameseka ngamasosha (amabutho) eningakaze niwabone futhi wenza ukuthi izwi lalabo abangakholwayo laba phansi, wenza izwi likaMvelinqangi laba ngeliphezulu futhi uMvelinqangi uphakeme ngamandla unobuhlakani.
41. Hambani nilula (niphilile futhi ninothile) noma nihambe nisinda (nigula futhi nimpofu), nizabalaze kanzima ngengcebo

yenu nangemiphefumulo yenu endleleni kaMvelinqangi lokhu kungcono kunina uma kungukuthi nina benazi.

42. Uma kungukuthi kuyinzuzo eseduze nohambo olulula ngempela babezokulandela kepha indlela yayiyinde kubona futhi bazofunga ngoMvelinqangi bathi "ukube sasingakwazi sasizohamba kanye nani" babhubhisa imiphefumulo yabo futhi uMvelinqangi uyazi ukuthi ngempela bona bangabaqambi bamanga.

***Isigaba sesikhombisa (7)***

43. UMvelinqangi wakuthethelela, kungani wababavumela kuze kube bavela obala kuwena labo abakhuluma iqiniso futhi uyabazi abangabaqambi bamanga na?
44. Abayiceli kuwena imvume labo abakholwayo kuMvelinqangi nasosukwini lokugcina ukuthi bazabalaze (endleleni kaMvelinqangi) ngengcebo yabo nangemiphefumulo yabo futhi uMvelinqangi uyisazi ngabalungileyo.
45. Ilabo kuphela abangakholwayo kuMvelinqangi nasosukwini lokugcina abacela imvumo kuwena futhi izinhliziyo zabo zisekungabazeni ngakho-ke bona bayanqikaza ekungabazeni kwabo.
46. Futhi uma babefuna ukuphuma (bazabalaze endleleni kaMvelinqangi) ngempela babezokwenzela amalungiselelo kepha uMvelinqangi akakuthandanga ukuthunywa kwabo ngakho-ke wabenza basalela ngemumva futhi kwathiwa (kubona) hlalani kanye nabahleli.
47. Ukube babehambile kanye nani babengeke baninezezele ngalutho ngaphandle kwesiphithiphithi futhi bajahe ukwenza uqhekeko phakathi kwenu futhi phakathi kwenu kunalabo ababezobalalela, futhi uMvelinqangi uyazazi izoni.
48. Ngempela babefuna ukwenza uqhekeko ngaphambilini futhi bahlanekezela izindaba ngawe kwaze kwafika iqiniso futhi

kwavela nempoqo kaMvelinqangi futhi bona babengakuthandi (lokhu).

49. Futhi phakathi kwabo kunalowo muntu othi, "ngivumele (ngisalele ngemumva ngingayi kozabalaza endleleni kaMvelinqangi) ungangilingi kepha sebewele ekulingweni futhi ngempela isihogo sibazungelezile abangakholwayo.

50. Uma wehlelwa okuhle bayakhathazeka futhi uma wehlelwa okubi bathi "ngempela saluthatha udaba lwethu (saqaphela) ngaphambilini bese bephendukela emumva bejabulile".

51. Ithi, "ayikho into eyosehlela ngaphandle kwalokho uMvelinqangi asibekele kona yena ungumvikeli wethu, futhi ikuMvelinqangi lapho bebeka khona ithemba abakholwayo".

52. Ithi ngakube nisilindelele okukodwa ezintweni ezimbili ezinhle na? Futhi nathi sinilindelele ukuthi uMvelinqangi anihlisele isijeziso esivela kuyena uqobo noma (anehlisele isijeziso) ngezandla zethu ngakho-ke lindani ngempela nathi sikanye nani ekulindeni.

53. Ithi, "chithani (ingcebo yenu) nithanda noma ningathandi ayisoze yemukeleka kunina ngempela nina ningabantu abephula umthetho."

54. Futhi akukho lutho olubavimbayo ukuthi yamukeleke kubona iminikelo yabo ngaphandle kokuthi bona abakholwanga kuMvelinqangi nasesithunyweni sakhe futhi abayenzi imithandazo ngaphandle kokuyenza ngobuvila futhi abanikeli (ngengcebo yabo) kepha (banikela ngayo) bengathandi.

55. Ngakho-ke mawungajabuliswa ingcebo yabo noma izingane zabo, kuphela uMvelinqangi ufuna ukubajezisa ngakho empilweni yakulomhlaba nokuthi imiphefumulo yabo iphume (bafe) bengakholwa.

56. Futhi bafunga ngoMvelinqangi ukuthi ngempela bona baphuma phakathi kwenu kulapho bengaphumi phakathi kwenu kepha bona bangabantu (abangabazenzisi) abesaba (ukuthi ningase nibabulale).

57. Ukube babengase bathole indawo yokukhosela noma imigede noma indawo yokungena babezojika bangene khona bebaleka ngokushesha.
58. Futhi phakathi kwabo kunalabo abakusolayo mayelana nokukhishwa kwezipho uma bephiwe kuzona bayajabula kepha uma bengaphiwanga kuzona kulapho bona bethukuthela.
59. Futhi ukube bona babekujabulela lokho ayebanike kona uMvelinqangi nesithunywa sakhe futhi bathi "usanele uMvelinqangi uzosipha uMvelinqangi emseni wakhe nesithunywa sakhe ngempela thina ikuMvelinqangi lapho sithanda khona.

***Isigaba sesishiyagalombili (8)***

60. Ngempela umnikelo (izakaah) eyabampofu nabasweleyo, nalabo abaqashelwe ukuba bayiqoqe (izakaah) neyokuhlanganisa izinhliziyo zabo ndawonye (zihlanganiselwa i-Islam) neyokukhulula abaphangwe (empini noma izigqila) neyabakweletayo nokuyisebenzisa endleleni kaMvelinqangi neyesihambi, (izakaah eyalabo) kuphela, isinqumo esivela kuMvelinqangi futhi uMvelinqangi unolwazi unobuhlakani.
61. Futhi phakathi kwabo kunalabo abahlupha uMphrofethi futhi bathi "yena uyindlebe" (ulalela zonke izindaba) ithi uyindlebe (ungumlaleli wezindaba) ezinhle zenu ukholwa kuMvelinqangi futhi ukholwa ngabakholwayo nomusa kulabo abakholwayo phakathi kwenu futhi labo abahlupha isithunywa sikaMvelinqangi okwabo isijeziso esibuhlungu.
62. Bafunga ngoMvelinqangi kunina ukuze banijabulise futhi uMvelinqangi nesithunywa sakhe ekufaneleke kakhulu ukuthi bajatshuliswe uma (labo abafungayo) bengabakholiweyo.
63. Abazi yini ukuthi noma ngabe ubani ophikisa uMvelinqangi nesithunywa sakhe ukuthi okwakhe umlilo wesihogo uyohlala khona ingunaphakade lokho ihlazo elikhulu.

64. Abazenzisi bayesaba ukuthi hleze kwembulwe isahluko mayelana nabo sibatshela ngalokho okusezinhliziyweni zabo, Ithi, “enzani inhlekisa ngempela uMvelinqangi ungumvezi walokho enikusabayo”.
65. Futhi uma ubabuza ngempela bayothi “sasizikhulumela nje futhi sizidlalela” ithi “ngakube uMvelinqangi namavesi akhe nesithunywa sakhe enanenza ngabo inhlekisa.”
66. Ningenzi sizathu, ngempela naphika ukholo emva kokukholwa kwenu uma sithethelela iqembu lenu sizojezisa iqembu ngenxa yokuthi bona babeyizigebengu (beyizoni).

***Isigaba sesishiyalolunye (9)***

67. Abazenzisi besilisa nabesifazane bangabanye babanye bagqugquzela (abantu) ngokwenza okubi babanqabele ekwenzeni okuhle futhi bagodle izandla zabo bakhohlwa nguMvelinqangi ngakho-ke (naye) wabakhohlwa ngempela abazenzisi bangabephuli bomthetho (abahloniphi).
68. UMvelinqangi wathembisa abazenzisi besilisa nabesifazane nabangakholwayo umlilo wesihogo bayohlala kuwona ingunaphakade wona ubanele futhi wabaqalekisa uMvelinqangi futhi okwabo isijeziso esingapheliyo.
69. Njengalabo ababengaphambilini kwenu babenamandla ngaphezu kwenu futhi benengcebo eningi nezingane ngakho-ke bazithokozisa ngengxenye yabo nani zithokoziseni ngengxenye yenu njengoba bazithokozisa labo ababengaphambilini kwenu ngengxenye yabo futhi bezitika ngezinkulumo ezingenamsebenzi njengalabo ababezitika ngezinkulumo ezingenamsebenzi labo-ke imisebenzi yabo yaba ize leze kulomhlaba nasemhlabeni ozayo, yibona kanye labo abalahlekelweyo.
70. Ngakube ayizange yini ifike kubona indaba yalabo ababengaphambilini kwabo yabantu bakaNowa no-A’d

noThamud neyabantu baka-Ibrahim neyezakhamuzi zaseMadyan namadolobha abhubhileyo na? Zafika kubona izithunywa zabo nobufakazi obucacile, kwakungesiyena uMvelinqangi owona (imiphefumulo yabo) kepha imiphefumulo yabo eyazona yona.

71. Futhi abakholwayo besilisa nabakholwayo besifazane abanye babo bangabangane babanye bagqugquzela ngokwenza okuhle banqabela okubi futhi benza imithandazo futhi bakhokha izakaah bahlonipha uMvelinqangi nesithunywa sakhe, labo uMvelinqangi uyoba nomusa kubona ngempela uMvelinqangi uphakeme ngamandla unobuhlakani.

72. UMvelinqangi wathembisa abakholwayo besilisa nabakholwayo besifazane izivande okugeleza ngaphansi kwazo imifula bayohlala khona ingunaphakade nezindawo zokuhlala ezinhle ezivandeni zase – Eden nenjabulo evela kuMvelinqangi inkulu kakhulu, lokho kuyimpumelelo enkulu.

***Isigaba seshumi (10)***

73. Oh Mphrofethi! zabalaza kanzima maqondana nabangakholwayo nabazenzisi, ubenzima kubona futhi indawo yabo yokuhlala isihogo sibi leso siphetho.

74. Bafunga ngoMvelinqangi ukuthi abazange basho lutho kulapho ngempela balisho izwi lokungakholwa, nokungakholwa emva kokuba sebamukela i-Islam futhi benza amacebo ngalokho angeke bakwazi ukukuzuza, babengacasulwa ukungazitholi ezinye izindlela zokwenza lokho ngaphandle kokuthi uMvelinqangi nesithunywa sakhe ubanothisile ngomusa wakhe ngakho-ke uma bezisola lokho kuyoba ngcono kubona kepha uma bephendukela emumva uMvelinqangi uyobajezisa ngesijeziso esibuhlungu lapha emhlabeni nakwelizayo futhi kulomhlaba abayikuba namvikeli futhi abayikuba namsizi.

75. Futhi phakathi kwabo kunalabo abenza isivumelwano noMvelinqangi (bathi) uma engasipha emseni wakhe ngempela besizoyikhokha isadaqah (isipho) futhi ngempela besizoba ngabalungileyo.
76. Kepha kwathi uma esebaphile emseni wakhe baphenduka abancishanayo ngawo futhi bafulathela bengathandi (ukukwenza lokho).
77. Ngakho-ke wabajezisa ngokufaka ukuzenzisa ezinhliziyweni zabo kuze kube usuku lapho beyohlangana khona naye, ngenxa yokuphula isithembiso sikaMvelinqangi ababemthembise sona futhi (uyobajezisa) ngenxa yokuthi babeqamba amanga.
78. Ngakube abazi yini ukuthi uMvelinqangi uyazazi izimfihlo zabo nokuhlangana kwabo kwangasese nokuthi uMvelinqangi uyisazi ngezinto ezingabonwayo na?
79. Labo abahleba ngalabo abakholwayo abanikelayo ngokuzithandela kanye nalabo abangakwazi ukuthola izindlela zokunikela (abangenalutho lokunikela) ngaphandle (kokukuthola) ngokuzabalaza kwabo kanzima ngakho-ke babenza inhlekisa, uMvelinqangi uyobenza inhlekisa futhi okwabo isijeziso esibuhlungu.
80. (Oh Muhammad!) bacelele intethelelo noma ungabaceleli intethelelo, uma ubacelela intethelelo izikhathi ezingamashumi ayisikhombisa ngakho-ke uMvelinqangi akasoze wabathethelela lokho kungenxa yokuthi bona babengakholwa kuMvelinqangi nesithunywa sakhe futhi uMvelinqangi akabaholi abantu abephula umthetho (abangahloniphi).

***Isigaba seshumi nanye (11)***

81. Bajabula labo ababesalele ngemumva ngokusalela ngemumva kwabo kwesithunywa sikaMvelinqangi futhi babengakuthandi ukuzabalaza kanzima ngengcebo yabo nangemiphefumulo yabo endleleni kaMvelinqangi futhi bathi, "ningayi ekushiseni"

ithi "umlilo wesihogo ushisa kakhulu ukube babekuqonda (lokho)".

82. Ngakho-ke mabahleke kancane (okwesikhashana) kepha bakhale kakhulu, (lokho) kungumvuzo walokho ababekwenza.

83. Ngakho-ke uma uMvelinqangi ekubuyisela emumva eqenjini labo becela kuwena imvume ukuthi baphume (baye kolwa) ngakho-ke ithi, "(kubona) anisoze naphuma kanye nami futhi anisoze nalwa nesitha kanye nami, ngempela nina najabuliswa ukusalela ngemumva kokuqala ngakho-ke hlalani kanye nabasaleleyo ngemumva".

84. Futhi ungathandazeli ngisho nanoyedwa wabo uma efile futhi ungami engcwabeni lakhe ngempela bona baphika uMvelinqangi nesithunywa sakhe futhi bona bafa bengabaphuli bomthetho kaMvelinqangi.

85. Futhi awungakumangalisi umcebo wabo nezingane zabo, kuphela uMvelinqangi uthanda ukubajezisa ngakho lapha emhlabeni nokuthi imiphefumulo yabo iphume (bafe) bengabangakholwayo.

86. Futhi uma kwembulwa isahluko ukuthi bakholwe kuMvelinqangi futhi bazabalaze kanzima kanye nesithunywa sakhe, labo ababenothile phakathi kwabo bacela imvume kuwena bathi, "sishiye ukuze sibe kanye nabaseleyo".

87. Babethokoziswa ukuthi babe kanye nabasaleleyo (emakhaya abo) futhi izinhliziyo zabo zisicilelwe ukuze bangaqondi.

88. Kepha isithunywa nalabo abakholwayo kanye naso bazabalaza ngengcebo yabo nangemiphefumulo yabo labo-ke okwabo izinto ezinhle futhi labo yibona abangabaphumeleleyo.

89. UMvelinqangi wabalungiselela izivande okugeleza ngaphansi kwazo imifula, bayohlala khona ingunaphakade lokho kungukuphumelela okukhulu.

***Isigaba seshumi nambili (12)***

90. Futhi labo ababenza amazaba abaphuma phakathi kwalabo abahlala ogwadule (ama-Arab) beza ukuze bavunyelwe futhi basalela ngemumva behleli labo abaqamba amanga ngoMvelinqangi nesithunywa sakhe, labo abangakholwanga phakathi kwabo bayokwehliselwa isijeziso esibuhlungu.

91. Akunacala kulaba ababuthakathaka nakwabagulayo nakulabo abangenalutho abangaluchitha (endleleni kaMvelinqangi) uma beqotho kuMvelinqangi nasesithunyweni sakhe, akunandlela abangasolwa ngayo abenzi bokuhle, futhi uMvelinqangi ungothethelelayo onesihawu.

92. Futhi (akunacala) kulabo okwathi ngenkathi beza kuwena ukuze ubagibelise wathi (kubona) "angikutholi okokunigibelisa kukona" baphindela emumva amehlo abo egcwele izinyembezi zosizi ukuthi bangatholi lutho abangalusebenzisa.

93. Kuphela indlela (yokusola) ibhekene nalabo abacela imvume kuwena (ukuthi basalele ngemumva emakhaya abo) kulapho bona benothile bakuthokozela ukuthi babe kanye nabasaleleyo emumva futhi uMvelinqangi wasicilela izinhliziyo zabo ngakho-ke bona abazi.

94. Bazokwenza izaba kunina uma seniphindele emumva kubona ithi, "musani ukwenza izaba asisoze sinikholwe uMvelinqangi usitshenile ezinye zezindaba zenu futhi uMvelinqangi nesithunywa sakhe bayoyibona imisebenzi yenu, niyobuyisela emumva esazini sokungabonwayo nokubonwayo bese sinitshela ngalokho enanikwenza.

95. Bayofunga ngoMvelinqangi kunina uma senibuyele emumva kubona ukuze niqhelelane nabo ngakho-ke qhelelanani nabo ngempela bona bangcolile futhi indawo yabo yokuhlala yisihogo, inhlawulo ngenxa yalokho ababekuzuza (ababekwenza).

96. Bafunga kunina ukuze nibathokozele kepha uma nibathokozela ngakho-ke ngempela uMvelinqangi akabathokozeli abantu abephula umthetho (abangahloniphi).
97. Abahlali basogwadule (ama-Arab) bangabangakholwa kakhulu nobuzenzisi obukhulu benza sengathi abazazi izinqumo ezambulwa nguMvelinqangi esithunyweni sakhe futhi uMvelinqangi uyazi unobuhlakani.
98. Kulabo abahlala ogwadule (ama-Arab) kunalabo abathatha lokho abakusebenzisayo njengenhlawulo balindele ukuthi nehlelwe okubi, kuyokwehlela kubona okubi futhi uMvelinqangi uyezwa uyazi.
99. Futhi phakathi kwabahlali basogwadule kunalabo abakholwa kuMvelinqangi nasosukwini lokugcina futhi bathatha lokho abakuchithayo (abaphana ngakho) njengezindlela zokusondela kuMvelinqangi nemithandazo yesithunywa, uma kungukuthi ngempela lezizindlela kubona zingezokusondela, uMvelinqangi uyobafaka emseni wakhe, ngempela uMvelinqangi uyathethelela unesihawu.

***Isigaba seshumi nantathu (13)***

100. Futhi ababengaphambilini bokuqala kwabafuduka (besuka eMakkah beya eMadina) nabasizi (izakhamuzi zaseMadina ezazisiza labo ababephuma eMakkah) kanye nalabo ababalandela ngokulunga (enkolweni) uMvelinqangi uthokozile ngabo nabo bathokozile ngaye futhi wabalungisela izivande okugeleza ngaphansi kwazo imifula bayohlala khona ingunaphakade lokho kungukuphumelela okukhulu.
101. Nakulabo abanizungelezile abangama-Arab abangabazenzisi futhi nasebantwini baseMadina kunaphikelelayo ekuzenziseni angeke ubazi thina siyabazi siyobajezisa izikhathi ezimbili bese bephindiselwa esijezisweni esikhulu.

102. Futhi abanye bazivuma izono zabo bahlanganisa isenzo esihle nesibi kepha uMvelinqangi uyophendukela kubona ngentethelelo ngempela uMvelinqangi uyathethelela unesihawu.
103. Thatha imali eyisipho engcebweni yabo ubahlanze futhi ubenze ukuthi babemsulwa ngayo, ubathandazele ngempela umthandazo wakho uyindawo yokuhlala kubona (ungukuthula kubona) futhi uMvelinqangi uyezwa unolwazi.
104. Ngakube abazi yini ukuthi uMvelinqangi yena uyakwamukela ukuzisola ezincekwini zakhe futhi amukele izipho nokuthi uMvelinqangi yena ungokwamukelayo ukuzisola unesihawu.
105. Futhi ithi, "sebenzani" uMvelinqangi uzowubona umsebenzi wenu (kanjalo) nesithunywa sakhe nabakholwayo futhi niyophindiselwa esazini sokungabonwayo nokubonwayo ngakho-ke siyonitshena ngalokho enanikwenza.
106. Futhi abanye benziwa ukuthi balinde umyalelo kaMvelinqangi ukuthi uyabajezisa noma uphendukela kubona ngentethelelo futhi uMvelinqangi unolwazi unobuhlakani.
107. Kanye nalabo abathatha iMasjid (indlu yokuthandazela) njengendawo yokulimaza (nokona) neyokungakholwa neyokwenza uqhekeko phakathi kwabakholwayo nenjengesiphephelo kulabo abalwa (bangamhloniphi) uMvelinqangi nesithunywa sakhe ngaphambilini futhi ngempela bafunga (bathi) besingafisi lutho ngaphandle kobuhle futhi uMvelinqangi uyabona ukuthi ngempela bona baqamba amanga.
108. Ungabona nakancane phakathi kuyona (leyo Masjid uma ufuna ukuthandaza) iMasjid yasungulelwa ukulunga kwasekuqaleni ngosuku ekufanekele ngalo kakhulu nime (nithandaze) kuyona, kuyona kunamadoda athanda ukuthi ahlanzeke futhi uMvelinqangi uyabathanda abazihlanzayo.
109. Ngakube lowo obeka isisekelo sesakhiwo sakhe ekwesabeni okuvele kuMvelinqangi nasenjabulweni yakhe kungcono

noma lowo owabeke isisekelo sesakhiwo sakhe onqenqemeni lewa olulungele ukubhidlika, ngakho-ke asibhidlike naye emlilweni wesihogo futhi uMvelinqangi akabaholi abantu abayizoni.

110. Ziyoqhubeka njalo izakhiwo zabo abazakhaya ukuthi zibe ukungabaza ezinhliziyweni zabo ngaphandle uma uzinquma zibe izicucu izinhliziyo zabo futhi uMvelinqangi uyazi unobuhlakani.

***Isigaba seshumi nane (14)***

111. Ngempela uMvelinqangi wathenga kwabakholwa imiphefumulo yabo nengcebo yabo ngokuthi okwabo yisivande. Bayalwa endleleni kaMvelinqangi, ngakho-ke bayabulala futhi bayabulawa, kuyisithembiso kuyena esiyiqiniso esikusi-Torah naseVangelini nakwi-Qur'an futhi ngubani oqiniseke kakhulu esithembisweni sakhe kunoMvelinqangi ngakho-ke thokozani esivumelwaneni senu enivumelene ngaso futhi lokho kungukuphumelela okukhulu.

112. (Amakholwa okuyiwona uMvelinqangi athenga izinhliziyo zawo yilawo) azisolayo (kuMvelinqangi), amkhonzayo, amdumisayo, ahamba (endleleni kaMvelinqangi) akhothamayo, aguqayo (emthandazweni) nawenza okuhle anqabele okubi futhi angabagcini bemingcele kaMvelinqangi futhi batshele izindaba ezimnandi abakholwayo.

113. Akusikhona okomphrofethi kanye nalabo abakholwayo ukuthi bacelele abakhonzi bezithixo intethelelo ngisho noma ngabe bayizihlobo ezisondele emva kokuba sekucacile kubona ukuthi bona bangabangane besihogo.

114. Futhi kwakungesikhona nje ukuthi u-Abrahamu wacelela uyise intethelelo ngaphandle kokuthi kwakuyisethembiso ayemthembise sona kepha kwathi lapho sekumcacele (u-Abrahamu) ukuthi (uyise) uyisitha sikaMvelinqangi

waqhelelana naye, ngempela u-Abrahamu wayeqotho ekukhonzeni uMvelinqangi ebekezela.

115. Futhi angeke uMvelinqangi adukise abantu emva kokuba esebaholile kuze kube uyabacacisela okufanele bakwesabe ngempela uMvelinqangi uyisazi ngazo zonke izinto.

116. Ngempela uMvelinqangi ungowakhe umbuso wamazulu nomhlaba uyaphilisa futhi udala ukufa futhi aninaye umvikeli nomsizi ngaphandle kukaMvelinqangi.

117. Ngempela uMvelinqangi waphenduka ngentethelelo kumphrofethi nakulabo ababefuduka (bevela eMakkah beya eMadina) nakubasizi abafuduki kanye nalabo abamlandela ngesikhathi esinzima emva kokuba izinhliziyo zengxenye yabo zasezisondele ekuphambukeni wayesebathethelela ngempela yena kubona unobubele unesihawu.

118. Futhi (wabathethelela) labo abathathu ababesalele ngemumva kwaze kwaba ilapho umhlaba njengoba umkhulu kangaka uncipha kubona nemiphefumulo yabo yancipha futhi babecabanga ukuthi ayikho indawo yokubalekela uMvelinqangi ngaphandle kokubalekela kuyena ngakhoke wabathethelela ukuze bacele intethelelo, ngempela uMvelinqangi ungothethelelayo onomusa.

## ***Isigaba seshumi nanhlanu (15)***

119. Oh nina enikholwayo! Sabani uMvelinqangi futhi nibe kanye nabaqinisileyo.

120. Kwakungafanele ukuthi abantu baseMadina kanye nalabo abaseduzane nabo abangama-Arabhu ukuthi basalele ngemumva kwesithunywa sikaMvelinqangi nokuthi kwakungesikhona okwabo ukuthi bakhethe impilo yabo kuneyesithunywa lokho kungenxa yokuthi bona abahlushwa ukoma noma ukudinwa noma indlala endleleni kaMvelinqangi futhi asibathathi isinyathelo ekunyuseni ukudinwa

kwabangakholwayo noma bazwise isitha ubuhlungu kepha kulotshwe bona phansi njengomsebenzi olungileyo ngempela uMvelinqangi akawulahli umvuzo wabenzi bokuhle.

121. Futhi abayichithi (ingcebo yabo) noma ngabe yincane noma ngabe yinkulu futhi abasidabuli isigodi ngaphandle kwabalotshelwe kona phansi ukuze uMvelinqangi abanike umvuzo ongcono kakhulu walokho ababekwenza.

122. Futhi akusikona okwabakholwayo ukuthi bahambe bonke kanyekanye uma kuwona wonke amabutho abo kuneqembu eliphuma phakathi kwabo ukuze baqonde inkolo futhi ukuze baxwayise abantu babo uma sebebuyele kubona ukuze mhlawumbe babe nokunaka.

## *Isigaba seshumi nesithupha (16)*

123. Oh Nina enikholwayo! Yilwani nalabo abaseduzane nani abangakholwa ukuze bezwe ubunzima kunina futhi bazi ukuthi uMvelinqangi ukanye nalabo abalungileyo.

124. Futhi ngasosonke isikhathi uma kwembulwa isahluko (seQur'an) ngakho-ke phakathi kwabo kunabanye abathi, "ngubani phakathi kwenu okumnyuselile lokhu ngokukholwa" ngakho-ke labo abakholwayo kwenyukela ukukholwa kwabo futhi bona bakujabulela.

125. Futhi labo ezinhliziyweni zabo okunesigulo (ukungakholwa, ukungabaza nobuzenzisi) ngakho-ke kwenyukela kubona ukungabaza ekungabazeni kwabo futhi bafa bengakholwa.

126. Ababoni yini ukuthi bona bayalingwa ngayoyonke iminyaka kanye noma kabili bese bengazisoli futhi bangakhumbuli.

127. Futhi ngasosonke isikhathi uma kwembulwa isahluko bayabhekana (bathi) ngakube ukhona yini oyedwa onibonayo na? Bese bephendukela le, uMvelinqangi waphendulela le izinhliziyo zabo ngenxa yokuthi bona bangabantu abangaqondi.

128. Ngempela safika kunina isithunywa esiphuma phakathi kwenu (esiphuma esizweni senu) kusiphatha kabi lokho okunihluphayo sinifisela (ubuhle ukuholwa ngendlela eyiqiniso) kwababakholwayo sinobubele nesihawu.
129. Ngakho-ke uma bephendukela emumva ithi, "uMvelinqangi wanele kumina akekho onokukhonzwa ngaphandle kwakhe, ngethembele kuyena futhi yena uyiNkosi yesihlalo sobukhosi esikhulu".

# (10)
# Yunus – uJona

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Alif Lam Ra, Lawa ngamavesi encwadi enobuhlakani.
2. Ngakube kuyisimangaliso yini kubantu ukuthi sembula (isambulo) endodeni ephuma phakathi kwabo ukuthi ixwayise abantu futhi itshene labo abakholwayo izindaba ezimnandi ukuthi okwabo yiqiniso eliseNkosini yabo, abangakholwayo bathi, “ngempela lona ngumlumbi ocacile”.
3. Ngempela iNkosi yenu nguMvelinqangi okunguyena owadala amazulu nomhlaba ezinsukwini eziyisithupha wayesezibeka esihlalweni sobukhosi wahlela udaba, akunamncengeli ngaphandle emumva kwemvume yakhe, lowo nguMvelinqangi iNkosi yenu ngakho-ke mkhonzeni, ngakube anikhumbuli yini na?
4. Kukuyena ukubuyela kwenu nonke isithembiso sikaMvelinqangi siyiqiniso ngempela yena usungula isidalwa bese eyasiphinda ukuze anike umvuzo ngobulungiswa labo abakholwayo futhi abenza izenzo ezinhle kanye nalabo abangakholwanga okwabo yisiphuzo esingamanzi ashisayo nesijeziso esibuhlungu ngenxa yokuthi babengakholwa.
5. (UMvelinqangi) nguyena owenza ilanga ukuthi libe ukukhanya okucwazimulayo nenyanga ukuthi ibe yisibani wayenza yabonakala ukuze nikwazi ukubala iminyaka nokubala akazange akudale lokho ngaphandle kweqiniso, uzicacisa (kanjalo) izimpawu kubantu abaziyo.
6. Ngempela ukuguquka kobusuku nemini kanye nalokho okwadalwa nguMvelinqangi okusemazulwini nasemhlabeni ngempela kunezimpawu kubantu abesaba uMvelinqangi.

7. Ngempela labo abangakwethembi ukuhlangana nathi futhi bathokoziswa yimpilo yalomhlaba beneliseka ngayo kanye nalabo abangawanaki amavesi ethu.
8. Labo indawo yabo yokuhlala kuyoba umlilo ngenxa yalokho abakusebenzelayo.
9. Ngempela labo abakholwayo futhi benza izenzo ezinhle (ezilungileyo) iyabahola iNkosi yabo ngokukholwa kwabo, kuyogeleza imifula ngaphansi kwabo ezivandeni zentokozo.
10. Ukumemeza kwabo lapho (ezivandeni kuyoba ukuthi bathi), "inkazimulo mayibe kuwe Oh. Mvelinqangi!" futhi isibingelelo sabo lapho kuyoba ukuthi bathi, "ukuthula" futhi ukumemeza kwabo kokugcina kuyoba ukuthi (bathi) "udumo lungolukaMvelinqangi iNkosi yemihlaba".

***Isigaba sesibili (2)***

11. Futhi ukube uMvelinqangi wayebasheshisela abantu okubi njengoba besheshisa kokuhle kwakuzoba ngempela sesigcwalisekile kubona isikhathi sabo esinqunyiweyo ngakhoke sibashiya bodwa ekudukeni labo abangakwethembi ukuhlangana nathi sibashiya bodwa ekudukeni bezula zula bephuphutheka.
12. Futhi uma kuthinta umuntu ukuhlupheka uyasibiza noma ngabe ulele ngohlangothi lwakhe noma ngabe uhleli noma ngabe umile, kepha uma sesikususile kuyena ukuhlupheka kwakhe ungathi akazange asimemezele ukuhlupheka okwamthinta, ngokunjalo benzelwa kwakuhle abephuli bomthetho lokho ababekwenza.
13. Futhi ngempela sazibhubhisa izizukulwane ngaphambilini kwenu kwathi lapho sezenza okungalungile zafika kubona izithunywa zazo nezimpawu ezicacile futhi (izizukulwane) azizange zikholwe, kanjalo-ke sibanika umvuzo abantu abayizoni.

14. Sabe sesinenza ukuthi nibe ngabalandelayo emhlabeni emva kwabo ukuze sibone ukuthi nizokwenza kanjani.
15. Futhi uma befundelwa izimpawu zethu eziwubufakazi obucacile labo abangakwethembi ukuhlangana nathi bathi, "letha enye iQur'an ekungesiyona lena noma uyishintshe" yithi, "akusikona okwami ukuthi ngiyiguqule (iQur'an) ngokuthanda kwami, angilandeli lutho ngaphandle kwalokho okwembulwe kumina ngempela mina ngiyesaba uma ngingayihloniphi iNkosi yami ngiyothola isijeziso sosuku olukhulu".
16. Yithi, "ukube uMvelinqangi wayethanda ngangingeke nginifundele yona (iQur'an) noma enze yazeke kunina ngakho-ke ngempela ngihlalile phakathi kwenu isikhathi eside ngaphambi kokuba ifike, ngakube aninawo yini umqondo na?"
17. Ngakho-ke ngubani ongenabo ubulungiswa kakhulu kunalowo oqambela uMvelinqangi amanga noma ophika izimpawu akhe na? Ngempela yena (uMvelinqangi) akasoze abaphumelelise abayizoni.
18. Futhi bakhonza esikhundleni sika-Mvelinqangi lokho okungeke kubalimaze futhi okungeke kubazuzise futhi bathi, "laba ngabancengeli bethu kuMvelinqangi (besho izithixo)" ithi, "ngakube nitshela uMvelinqangi ngalokho angakwazi emazulwini nasemhlabeni na?" Udumo malube kuye futhi uphakame ngaphezulu kwalokho abamenzela abahlanganyeli ekumkhonzeni ngakho.
19. Futhi abantu babengeyilutho ngaphandle kokuthi babeyisizwe esisodwa (ekugcineni) behlukana futhi ukube lalingekho izwi elalivela eNkosini yakho kwakuzobe sekulungisiwe phakathi kwabo lokho ababephikisene ngakho.
20. Futhi bathi, "kungani kungathunyelwanga phansi kuyena uphawu oluvela eNkosini yakhe na?" Ngakho-ke ithi,

"okungabonwayo kungokukaMvelinqangi kuphela, lindani ngempela mina ngikanye nani kwabalindileyo".

***Isigaba sesithathu (3)***

21. Futhi kwathi lapho sizwisa khona abantu umusa emva kokuba sebethintwe ukuhlupheka kwaba yilapho bona benzela khona izimpawu ethu amacebo, ithi uMvelinqangi oshesha ngokwedlulele ekwenzeni amacebo ngempela izithunywa zethu (izingelosi) ziyakubhala phansi lokho enikucebayo.
22. Nguyena owenza ukuthi nikwazi ukuhamba ezweni nasolwandle kuze kuthi uma nina nisemikhunjini ihamba nabo kushaya umoya omnandi bakuthokozela lokho, kwafika isivunguvungu somoya kwafika kubona namagagasi aqhamuka kuzona zonke izindawo futhi bacabanga ukuthi ngempela bona babezungeleziwe base bememeza (bethandaza) kuMvelinqangi ngobuqotho, ingeyakhe inkolo (bathi), "uma usisindisile kulokhu ngempela siyoba ngababongayo".
23. Ngakho-ke kwathi lapho esebasindisile kwaba yilapho bona benza okungalindelekile ezweni okungesilona iqiniso, Oh Bantu! Ukungalaleli kwenu (uAllah) kungukuzilimaza nina uqobo, kuphela kuyinjabulo yempilo yalomhlaba, kukuthina ukubuyela kwenu ngakho-ke siyonitshela ngalokho enanikwenza.
24. Kuphela ukufana kwempilo yalomhlaba kunjengamanzi (imvula) esiwehlisela phansi evela esibhakabhakeni emilisa izitshalo zomhlaba abadla kuzona abantu nezinkomo kuze kube yilapho umhlaba uphenduka ohlobisekileyo nobukeka umuhle futhi abantu abahlala kuwona bacabanga ukuthi bona banamandla kuwona, kufike kuwona impoqo yethu ebusuku noma emini, sawenza ukuthi ube ngowezivuno (ukuhamba kwesikhathi) kube sengathi awuzange uchume izolo kanjalo siwachaza ngobunjalo bawo amavesi kubantu abacabangayo.

25. Futhi uMvelinqangi unimemela ekhaya lokuthula futhi uholela lowo amthandayo endleleni eqondileyo.
26. Okwalabo abenze okuhle (umvuzo) omuhle kakhulu nokungaphezulu kwalokho futhi angeke kubekhona ubumnyama nakudumazeka okuyomboza ubuso babo, labo-ke bangabangane besivande bona bayohlala khona ingunaphakade.
27. Futhi labo abenza imisebenzi emibi umvuzo womsebenzi omubi uyalingana nawo futhi ukudumala kuyobamboza angeke babenomvikeli ovela kuMvelinqangi, kuyoba sengathi ubuso babo bumbozwe ngamakhekheba obumnyama bobusuku labo ngabangani bomlilo bona bayohlala khona ingunaphakade.
28. Nangosuku lapho sibaqoqela ndawonye bonke bese sithi kulabo ababekhonza izithixo (hlalani) endaweni yenu nina kanye nezithixo zenu (enanizikhonza) ngakho-ke siyobe sesiyabahlukanisa izithixo zabo ziyothi, “nina naningasikhonzi thina”.
29. Ngakho-ke uMvelinqangi wanele njengofakazi phakathi kwethu naphakathi kwenu, uma nanisikhonza (ukusikhonza) kwenu sasingakunakile.
30. Lapho-ke yonke imiphefumulo iyolingwa bese (iyazi) lokho eyayikwenza ngaphambilini futhi iphindiselwe (imiphefumulo) kuMvelinqangi umvikeli wayo weqiniso futhi okwabadukela yilokho ababekuqamba.

## *Isigaba sesine (4)*

31. Ithi ngubani onipha (okokuziphilisa) okuvela esibhakabhakeni nasemhlabeni, noma ngubani ongumnikazi wokuzwa nokubona futhi ngubani oveza okuphilayo kokufileyo noveza okufileyo kokuphilayo futhi ngubani owenza icebo odabeni

na? Ngakho-ke bayothi "uMvelinqangi" ngakho-ke wena bese uthi, "ngakube animesabi yini na"?

32. Lowo nguMvelinqangi iNkosi yenu yeqiniso ngakho-ke yini ekhona emva kweqiniso ngaphandle kokuduka, ngakho-ke baphendulelwa kanjani emumva?

33. Kanjalo-ke laqiniseka izwi leNkosi yakho kulabo abephula umthetho ukuthi bona angeke bakholwe.

34. Ithi, "ngakube ukhona yini phakathi kwezithixo zenu okwazi ukusungula indalo bese eyivuselela kabusha na"? Ithi, "uMvelinqangi oveza indalo yokuqala bese eyiveza kabusha niphambuka kanjani (eqinisweni) na"?

***Isigaba sesihlanu (5)***

35. Ithi, "ngakube ukhona yini phakathi kwezithixo zenu okwazi ukuholela eqinisweni na?" ithi, "uMvelinqangi oholela eqinisweni" ngakube ukhona yini oholela eqinisweni ofanelwe kakhulu ukuthi alandelwe noma lowo ongaholi ngaphandle kokuba aholwe, kwenzekani ngani nehlulela kanjani?

36. Futhi abaningi babo abalandeli lutho ngaphandle kwemicabango, ngempela umcabango awusizi ngalutho kuneqiniso, ngempela uMvelinqangi uyisazi ngalokho abakwenzayo.

37. Futhi leQur'an ayivezwanga ngabanye ngaphandle kukaMvelinqangi kepha iyisiqinisekiso saleso sambulo esasingaphambi kwaso nencazelo yencwadi, akukho ukungabaza kuyona ivela eNkosini yemihlaba.

38. Noma bathi, "(umphrofethi Muhammad) wayakha na? Ithi, "lethani isahluko esifana nayo futhi bizani noma ngabe ngubani kunina (okwazi ukuletha isahluko esifana nayo) ngaphandle kukaMvelinqangi uma kungukuthi nina ningabaneqiniso".

39. Qha bakuphika lokho angeke bakwazi ukuhlanganisa ulwazi lwakho futhi okungakafiki kubona ukuhumushwa kwayo,

ngokunjalo babephika labo ababengaphambilini kwabo ngakho-ke bheka ukuthi sasinjani isiphetho sezoni.

40. Futhi phakathi kwabo kunalabo abakholelwa kuyona (incwadi) futhi phakathi kwabo kunalabo abangakholelwa kuyona futhi iNkosi yakho yazi kabanzi ngezoni.

41. Futhi uma bekuphika ithi, "Okwami umsebenzi wami nokwenu umsebenzi wenu nina nimsulwa kwengikwenzayo nami ngimsulwa kwenikwenzayo".

42. Futhi phakathi kwabo kunalabo abakulalelayo, ngakube uyakwazi yini wena ukuthi wenze izithuli ukuba zizwe noma ngabe zingenawo umqondo na?

43. Futhi phakathi kwabo kunalabo abakubukayo ngakube wena uyazihola yini izimpumputhe yize noma zingaboni na?

44. Ngempela uMvelinqangi akakwenzi okungenabo ubulungiswa kubantu kepha abantu bayona bona imiphefumulo yabo.

45. Futhi ngosuku lapho eyobaqoqela ndawonye kube sengathi abazange bahlale ngaphandle kwehora lasemini bayokwazana ukuthi balahlekelwa labo abaphika ukuhlangana noMvelinqangi futhi babengesibona abaholiweyo.

46. Noma ngabe sikukhombisa okunye kwalokho esikwethembisa kona noma sikwenze ukuba ufe ngakho-ke kukuthina ukubuyela kwabo, uMvelinqangi ungufakazi kulokho abakwenzayo.

47. Futhi kuleso naleso sizwe kunesithunywa ngakho-ke uma sifika isithunywa sabo kuyehlulelwa phakathi kwabo ngobulungiswa futhi bona abenziwa okungesibona ubulungiswa.

48. Futhi bathi, "sinini lesisithembiso uma nina nineqiniso na"?

49. Ithi, "ngomphefumulo wami angikuphathi ukulimaza futhi angiyiphathi inzuzo ngaphandle uma uMvelinqangi ethanda," isizwe nesizwe sinesikhathi (esinqunyelwe sona) uma zifika izikhathi zazo (ezinqunyiwe) ngakho-ke angeke bakwazi ukulihlehlisa ihora noma baliqhubekise.

50. Ithi "ngakube nibonile yini ukuthi uma nifikelwa yisijeziso sakhe ebusuku noma emini, yikuphi lokhu abakujahayo abayizoni na"?
51. Bese kuthi uma kwenzeka nikholwe yikona na? Manje inina enikusheshisayo.
52. Bese kuyothiwa kulabo abangakwenzanga ubulungiswa, "yizwani isijeziso esingapheliyo ngakube ninikwa umvuzo ngaphandle kwalokho enanikusebenzela na"?
53. Futhi bayakubuza (bathi) ngakube (lesisijeziso) siyiqiniso yini na? Ithi, "yebo ngifunga ngeNkosi yami ngempela sona siyiqiniso kakhulu futhi nina angeke nikwazi uphunyuka (kusona). "
54. Futhi ukube wonke umuntu owayenza ububi wayezothatha konke okusemhlabeni ukukhokhela izenzo zabo kwakungeke kwamukelwe ngakho futhi babeyokufihla ukudumala kwabo, kepha kuyothi lapho sebesibona isijeziso kuyohlulelwa phakathi kwabo ngobulungiswa futhi bona angeke benziwe okungesibona ubulungiswa.

***Isigaba sesithupha (6)***

55. Ngokungangabazeki, ngempela kungokukaMvelinqangi konke okusemazulwini nasemhlabeni ngokungangabazeki, ngempela isethembiso sikaMvelinqangi siyiqiniso kepha iningi labo alazi.
56. Yena uyaphilisa futhi uyabulala futhi niyophindiselwa kuyena.
57. Oh Bantu! Sifikile kunina isiyalo esivela eNkosini yenu nokwelashwa kwalokho okusezifubeni nokuholwa (ngeqiniso) nomusa kwabakholwayo.
58. Ithi, "ngobubele bukaMvelinqangi nangomusa wakhe ngalokho bayazithokozisa, lokho kungcono kunalokho abakuqongelelayo".

59. Ithi, "ngakube nikubonile yini lokho uMvelinqangi akwehlisela phansi kunina okuyisabelo ngakho-ke nabe senenza (ingxenye) yako yangabi semthethweni (nengxenye yako) nayenza yaba semthethweni" ithi, "ngakube uMvelinqangi owaninika imvume (yokwenza lokho) noma niqamba (amanga) ngoMvelinqangi na?"
60. Futhi yimuphi umcabango walabo abaqambela uMvelinqangi amanga ngosuku lokuvuka kwabafileyo na? Ngempela uMvelinqangi unobubele kubantu kepha abantu abaningi ababongi.

***Isigaba sesikhombisa (7)***

61. Futhi asikho isimo obhekene naso noma ukufunda iQur'an futhi (abantu) abangawenzi umsebenzi ngaphandle kokuthi thina singofakazi kunina uma nizibandakanya kuwona (umsebenzi) futhi akukho lutho olufihlekile eNkosini yakho ngisho noma ngabe luncane kangakanani kulomhlaba noma ezulwini futhi noma ngabe luncane kakhulu kangakanani kunalokho ngisho noma lukhulu kakhulu kangakanani kepha (kulotshiwe) encwadini ecacile.
62. Ngokungangabazeki, ngempela abangani baMvelinqangi akukho ukwesaba kubona futhi bona angeke baphatheke kabi.
63. Yilabo abakholwayo (ebunyeni bukaMvelinqangi) futhi ababemesaba uMvelinqangi.
64. Okwabo yizindaba ezimnandi (iphupho) empilweni yakulomhlaba nasempilweni ezayo, akukho ukuguqulwa kwamazwi kaMvelinqangi, lokho kungukuphumelela okukhulu.
65. Futhi ayingakuphathi kabi inkulumo yabo, ngempela ukuhlonipheka kungokukaMvelinqangi konke, yena ungozwayo owaziyo.

66. Ngokungangabazeki, ngempela bangabakaMvelinqangi bonke abasemazulwini nabobonke abasemhlabeni futhi abakulandeli (lokho) labo abamemeza abanye esikhundleni sikaMvelinqangi (ababizwa ngokuthi) bangabakhonzi bezithixo, abalandeli lutho ngaphandle kwemicabango futhi abaqambi lutho ngaphandle kwamanga.
67. Nguyena owanenzela ubusuku ukuze niphumule kukona, nemini ukuze nibone ngempela kulokho kunezimpawu kubantu abalalelayo.
68. Bathi, "uMvelinqangi unendodana" udumo malube kuye! Yena akaswele lutho kungokwakhe okusemazulwini nakho konke okusemhlabeni, aninalo igunya (lokusho) lokhu, ngakube nisho ngoMvelinqangi lokho eningakwazi na?
69. Ithi, "ngempela labo abaqambela uMvelinqangi amanga angeke baphunyeleliswe".
70. Yinjabulo kulomhlaba bese kuba kukuthina ukubuyela kwabo bese sibezwisa isijeziso esinzima ngenxa yokuthi babengakholwa.

***Isigaba sesishiyagalombili (8)***

71. Futhi batshele indaba kaNowa ngenkathi ethi kubantu bakhe, "Oh Bantu bami uma kunzima kunina ukuhlala kwami (lapha) nesikhumbuzo sami ngamavesi kaMvelinqangi ngakho-ke ngithembele kuMvelinqangi, cazululani udaba lwenu nabahlanganyeli benu, alunganihluphi udaba lwenu bese nehlulela mina bese ninganginiki ithuba.
72. Ngakho-ke uma nifulathele angizange ngiwucele umvuzo kunina, umvuzo wami (awukumuntu) ngaphandle kokuthi ukuMvelinqangi futhi ngiphoqiwe ukuthi ngibe ngowabakholwayo.
73. Ngakho-ke bamphika (uNowa) sabe sesiyamsindisa kanye nababekanye naye emkhunjini, sabenza ukuthi babe

ngabalandelayo esikhundleni sabo futhi sabaminzisa labo ababephika amavesi ethu ngakho-ke bheka ukuthi sasinjani isiphetho sababexwayisiwe.

74. Sabe sesithumela emva kwakhe izithunywa kubantu babo zafika kubona nezimpawu ezicacileyo (abantu) abazange bakholwe yilokho ababekuphikile ngaphambilini, kanjalo siyazisicilela izinhliziyo zezoni.

75. Emva kwabo sabe sesithumela uMose no-Aroni kuFaro namakhosi akhe, ngamavesi ethu babeqhosha baphenduka abantu abayizoni.

76. Ngakho-ke kwathi lapho sebefikelwa yiqiniso elivela kuthina bathi, "ngempela lokho ngumlingo ocacile".

77. UMose wathi, "Ngakube nisho (lokhu) ngeqiniso eselifikile kunina na? Ngakube umlingo yini lona? Futhi angeke baphunyeleliswe abalumbi".

78. Bathi, "ngakube uze kuthina ukuzosisusa kulokho esafica obaba bethu bekukona (bekulandela) na?" Bese nobabili niba bakhulu ezweni futhi thina angeke sikholelwe kunina nobabili".

79. Futhi uFaro wathi "lethani kumina bonke abalumbi abanolwazi olunzulu".

80. Kwathi lapho sebefikile abalumbi uMose wathi kubona, "phonsani lokho nina eningabaphonsi bako".

81. Kwathi lapho sebephonsile phansi uMose wathi, "lokhu enifike nakho kungumlingo, ngempela uMvelinqangi uzokubhuntshisa ngempela uMvelinqangi akawulungisi umsebenzi wezoni".

82. Futhi uMvelinqangi uzoliqinisekisa iqiniso ngamazwi akhe yize noma ngabe bengakuthandi lokho abayizoni.

***Isigaba sesishiyagalolunye (9)***

83. Abekho abakholelwa kuMose ngaphandle kwesizukulwane sabantu bakhe ngenxa yokwesaba uFaro nabaholi babo ukuthi bangase babahluphe futhi ngempela uFaro wayephakeme (eqhosha) ezweni futhi ngempela yena wayengomunye wabamoshayo (abangamhloniphi uMvelinqangi).
84. Futhi uMose wathi, "Oh bantu bami! uma nikholiwe kuMvelinqangi ngakho-ke thembelani kuyena uma nina ningabazinikeleyo (ngaphansi kwentando kaMvelinqangi).
85. Ngakho-ke bathi, "kuMvelinqangi sibeka ithemba lethu, Nkosi yethu ungasenzi ukuba silingelwe abantu abayizoni".
86. Futhi sisindise ngomusa wakho kubantu abangakholwa.
87. Futhi sambula kuMose nomfowabo ukuthi batholele abantu babo izindawo zokuhlala eGibhithe futhi nenze izindlu zenu ukuthi zibe yizindawo zokuthandaza futhi nenze imithandazo, futhi batshene izindaba ezimnandi abakholwayo.
88. Futhi uMose wathi, "Nkosi yethu ngempela wena wanika uFaro nabaholi bakhe ubuhle obukhulu nengcebo empilweni yalomhlaba Nkosi yethu ukuze badukise (abantu) endleleni yakho, Nkosi bhubhisa ingcebo yabo futhi wenze izinhliziyo zabo lukhuni ukuze bangakholwa kuze kube babona isijeziso esibuhlungu".
89. (UMvelinqangi) wathi, "umthandazo wenu nobabili (waMose no-Aroni) uphendulekile ngakho-ke nobabili yimani kanjalo endleleni eqondile nobabili ningalandeli indlela yalabo abangalazi (iqiniso).
90. Futhi sabawelisa olwandle abantwana bakwa-Israyeli ngakho-ke uFaro namabutho akhe wabalandela ukuze abacindezele futhi abadlove (njengezitha) kwaze kwaba yilapho eminza khona, wathi, "ngiyakholwa ukuthi akekho onokukhonzwa ngaphandle kwalowo abakholwa kuyena abantwana bakwa-

Israyeli nami ngingomunye wabazinikeleyo ngaphansi kwentando kaMvelinqangi".

91. Manje (uyakholwa) kepha wawungahloniphi naphambilini futhi wena wawungomunye wabangalungile.

92. Ngakho-ke ngalolusuku sizokuhlenga emzimbeni wakho (olwandle futhi ungonakali umzimba wakho) ukuze ube uphawu kulabo abayolandela emva kwakho futhi ngempela baningi abantu abangazinaki izimpawu zethu.

***Isigaba seshumi (10)***

93. Futhi ngempela sabahlalisa abantwana bakwa-Israyeli endaweni yokuhlala enhle futhi sababele ezintweni ezinhle, abazange baphikisane kwaze kwaba yilapho befikelwa khona ulwazi, ngempela iNkosi yakho iyohlulela phakathi kwabo ngosuku lokuvuka kwabafileyo kulokho ababephikisana kukona.

94. Uma ungabaza kulokhu esakwehlisela phansi kuwena ngakho-ke buza labo abayifundayo incwadi ngaphambilini kwakho ngempela lakufikela iqiniso elivela eNkosini yakho, ungabi ngomunye wabangabazayo.

95. Futhi ungabi ngomunye walabo ababephika amavesi kaMvelinqangi ngokuba uzoba ngomunye wabalahlekelweyo.

96. Ngempela labo elagcwaliseka kubona izwi leNkosi yakho, angeke bakholwe.

97. Ngisho noma ngabe bangafikelwa yizona zonke izimpawu (angeke bakholwe), kuze kube babona isijeziso esibuhlungu.

98. Ngakube lalikhona yini idolobha (umphakathi) owawukholwa kwawuzuzisa ukukholwa kwawo ngaphandle kwabantu bakaJona na? Ngenkathi sebekholwa sasisusa kubona isijeziso esiyihlazo empilweni yalomhlaba futhi sabanika injabulo yesikhashana.

99. Futhi ukube iNkosi yakho yayithanda babezokholwa bonke abantu abasemhlabeni ngakube wena uphoqa abantu kuze kube bayakholwa na?
100. Futhi akusikhona okomuntu ukuthi akholwe ngaphandle kwentando kaMvelinqangi futhi abeke intukuthelo phezulu kwalabo abangenawo umqondo.
101. Ithi, "Bhekani ukuthi yini esemazulwini nasemhlabeni futhi angeke zibasize ngalutho izimpawu nabaxwayisi abantu abangakholwayo".
102. Ngakho-ke ngakube balindele (okunye) ngaphandle kokufana nezinsuku zalabo asebadlula ngaphambilini kwabo ithi, "lindani ngempela mina ngikanye nani kwabalindileyo".
103. Bese siyazisindisa izithunywa zethu kanye nalabo abakholwayo kanjalo-ke kungumthwalo kuthina ukuthi sisindise abakholwayo.

***Isigaba seshumi nanye (11)***

104. Yithi "Oh Bantu! Uma kungukuthi ninokungabaza enkolweni yami (yazini ukuthi) angisoze ngakhonza labo enibakhonzayo esikhundleni sikaMvelinqangi kepha ngikhonza uMvelinqangi okunguyena onenza ukuba nife futhi ngiphoqwe ukuthi ngibe ngomunye wabakholwayo".
105. Nokuthi ubhekise ubuso bakho enkolweni ngobuqotho futhi ungabi ngomunye wabakhonzi bezithixo.
106. Futhi ungamemezi lutho (ungakhonzi lutho) ngaphandle kukaMvelinqangi lokho okungeke kukusize noma kukulimaze ngalutho ngakho-ke uma ukwenzile (lokho) ngempela wena uzokuba ngomunye wezoni.
107. Futhi uma uMvelinqangi ekuthinta ngenhlupheko akekho oyokuqeda (ukuhlupheka) ngaphandle kwakhe futhi uma ekuthandela okuhle akekho ongawuvimbela umusa wakhe,

uwenza ufinyelele kulowo amthandayo ezincekwini zakhe futhi yena ungothethelelayo onesihawu.

108. Ithi, “Oh Bantu! Selifikile kunina iqiniso elivela eNkosini yenu noma ngabe ngubani oholiwe ngakho-ke umphefumulo wakhe oholiwe futhi noma ngabe ngubani odukayo ngakho-ke kuphela udukise wona (umphefumulo) futhi angisiyena umlondolozi wenu”.

109. Futhi landela lokho okwembulwa kuwena futhi ubekezele kuze kube uMvelinqangi uyehlulela futhi yena ungongcono kunabanye abehluleli.

# (11)
# Hud – uHud

## *Isigaba sokuqala (1)*

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Alif Lam Ra (akekho noyedwa owazi incazelo yalamagama ngaphandle kaMvelinqangi) lena yincwadi ekuphelelisiwe amavesi ayo abe seyachazwa ngobunjalo bawo yilowo (uMvelinqangi) okunguyena onobuhlakani owazi ngazo zonke izinto.
2. Ningakhonzi lutho ngaphandle kukaMvelinqangi ngempela mina kunina ngingumxwayisi nomlethi wezindaba ezimnandi ovela kuyena.
3. Futhi celani intethelelo yeNkosi yenu bese niyazisola kuyona izonithokozisa ngentokozo enhle (enkulu) kuze kube yisikhathi esinqunyiweyo bese enikeza bonke abanikazi bomusa emseni wakhe kepha uma niphendukela emumva ngakho-ke ngempela mina nginesabela isijeziso selanga elikhulu.
4. KukuMvelinqangi ukubuyela kwenu futhi yena unamandla ngaphezulu kwazo zonke izinto.
5. Ngokungangabazeki, bacashisa izifuba zabo ukuze bazifihle kuyena, ngokungangabazeki noma ngabe bezimboza ngezingubo zabo (uMvelinqangi) uyakwazi lokho abakufihlayo kanye nalokho abakuvezayo, ngempela yena uyisazi ngalokho okusezifubeni (zabo).
6. Asikho isidalwa esinyakazayo esiphilisayo emhlabeni ngaphandle kokuthi isabelo saso sikuMvelinqangi futhi (uMvelinqangi) uyayazi indawo yaso yokuhlala nendawo yaso yokubekwa (yokungcwatshwa) konke kusencwadini ecacile.
7. Futhi nguyena owadala amazulu nomhlaba ngezinsuku eziyisithupha futhi isihlalo sakhe sobukhosi sasingaphezu

INGXENYE 12

kwamanzi ukuze anivivinye ukuthi ngubani phakathi kwenu onezenzo ezinhle ngokwedlulele kepha uma wawungase uthi ngempela nina niyovuswa emva kokufa ukuze labo abangakholwanga bathi "lokhu akuyi1utho ngaphandle kokuthi kungumlingo ogqamile."

8. Futhi uma sibaluzisele isijeziso kuze kube isikhathi esinqunyiwe, ukuze baqiniseke ukuthi bathi "silibaziswa yini na?" Ngempela ngosuku esiyobafica ngalo (isijeziso) akukho okuyosiphambukisa kubona futhi kuyobazungeleza lokho ababenza ngakho inhlekisa.

***Isigaba sesibili (2)***

9. Futhi uma senza umuntu ukuthi ezwe umusa ovela kuthina bese siyawahoxisa kuyena, ngempela ukuze yena aphelelwe ithemba angabi nenhliziyo yokubonga.

10. Futhi uma simzwisa ububele emva kokuba esethintwe ukuhlupheka ngempela uyothi "ububi sebusukile kumina" ngempela yena uyoba ngothokozileyo oqhoshaya.

11. Ngaphandle kwalabo ababekezela futhi abenza izenzo ezilungileyo labo-ke okwabo kuyoba intethelelo nomvuzo omkhulu.

12. Mhlawumbe uma ungase ulahle ingxenye yalokho okwembulwa kuwena okucinaniswa ngakho isifuba sakhe ukuze bathi "kungani kwakungehliselwanga phansi kuyena ingcebo noma eze kanye nayo ingelosi na?" Kuphela wena ungumxwayisi futhi uMvelinqangi kuzona zonke izinto ungumqaphi

13. Noma bathi, "(uMphrofethi) uyiqambile (iQur'an)" ithi "ngakho-ke lethani izahluko eziyishumi ezifana nezayo (iQur'an) eziqanjiwe futhi nibize noma ngabe ubani eningakwazi ukumbiza esikhundleni sikaMvelinqangi uma kungukuthi nina nineqiniso."

14. Kepha uma benganiphenduli ngakho-ke yazini ukuthi (iQur'an) yembulwa ngolwazi lukaMvelinqangi nokuthi ayikho into enokukhonzwa ngaphandle kwakhe, ngakube nina ningabazinikeleyo ngaphansi kwentando kaMvelinqangi na?
15. Noma ngabe ubani othanda impilo yalomhlaba nobuhle bayo siyobakhokhela izenzo zabo ngokuphelele kuwona futhi bona angeke bancishiselwe (lutho) kuwona (umhlaba).
16. Yibona labo abangeke babe nalutho empilweni ezayo ngaphandle komlilo futhi kuyona ize leze lokho ababekwenza kuwona futhi kuyoba ize leze lokho ababekwenza.
17. Ngakube lowo osebufakazini obucacile (iQur'an) evela eNkosini yakhe futhi eyifunda ufakazi ovela kuyena futhi nangaphambilini kwayo kwakunencwadi kaMose engumholi nomusa labo bakholelwa kuyona futhi noma ngabe ubani ongakholelwa kuyona (iQur'an lowo) ovela emaqenjini ngakho-ke umlilo kuyoba indawo yakhe yesethembiso, ningabi nokungabaza ngayo ngempela yona iyiqiniso elivela eNkosini yakho kepha iningi labantu alikholwa.
18. Futhi ngubani ongenabulungiswa kakhulu kunalowo oqambela uMvelinqangi amanga na? Labo bayolethwa ngaphambi kweNkosi yabo futhi ofakazi bayothi laba bayilabo abaphika iNkosi yabo ngokungangabazeki isiqalekiso sikaMvelinqangi siphezu kwezoni.
19. Labo abavimbela (abanye) endleleni kaMvelinqangi futhi befuna ukuyenza ukuthi ingaqondi futhi bona bengakholelwa empilweni ezayo.
20. Labo angeke baphunyuke (esijezisweni) kulomhlaba futhi angeke babe namvikeli ngaphandle kukaMvelinqangi, siyophindaphindwa kubona isijeziso (ngenxa yokuthi) babengafuni ukuzwa futhi babengafuni ukubona.
21. Labo yibona abalahle imiphefumulo yabo futhi okwabadukisa ilokho ababekuqamba.

22. Ngokungangabazeki ukuthi bona empilweni ezayo bangabalahlekelweyo kakhulu.
23. Ngempela labo abakholwayo futhi abenza izenzo ezilungileyo bazithobe eNkosini yabo labo bangabangane besivande bona bayohlala khona ingunaphakade.
24. Isibonelo samaqembu amabili sinjengesempumputhe nesithuli nobonayo nozwayo, ngakube bobabili bayalingana ngokufanayo na? Ngakube aniqapheli yini na?

***Isigaba sesithathu (3)***

25. Futhi ngempela sathumela uNowa kubantu bakhe (wathi) ngempela mina kunina ngingumxwayisi ogqamile.
26. Ukuthi ningakhonzi lutho ngaphandle kukaMvelinqangi ngempela mina nginesabela isijeziso sosuku olubuhlungu.
27. Ngakho-ke abaholi balabo (bantu) ababengakholwa phakathi kwabantu bakhe bathi “sikubona ungeyilutho ngaphandle kokuthi ungumuntu nje onjengathi futhi asiboni muntu ekulandela ngaphandle kwalabo abangaphansi kwethu ngezinga bakulandela ngaphandle kokucabanga, asiniboni nifaneleke ngaphezu kwethu, kepha sicabanga ukuthi ningabaqambi bamanga.”
28. Wathi “Oh bantu bami! ngakube nibonile yini ukuthi nginabo ubufakazi obucacile obuvela eNkosini yami futhi ingiphile umusa ovela kuyona, kwenziwa kwasitheka kunina singaniphoqa yini ukuthi nibamukele (ubufakazi obucacile) kulapho nina nibuzonda na?”
29. Futhi Oh! bantu bami! angibuceleli lutho oluyingcebo kunina (ubufakazi obucacile) umvuzo wami awukho (komunye umuntu) ngaphandle kokuthi ukuMvelinqangi futhi angisiyena umxoshi walabo abakholwayo ngempela bona bayohlangana neNkosi yabo kepha mina nginibona ningabantu abangazi lutho.

30. Futhi, Oh bantu bami! ubani ozongisiza kuMvelinqangi uma ngibaxosha ngakube anikhumbuli yini na?
31. Futhi angisho kunina ukuthi nginengcebo kaMvelinqangi futhi angikwazi okungabonwayo futhi angisho ukuthi ngiyingelosi futhi angisho kulabo amehlo enu ababukela phansi ukuthi uMvelinqangi akasoze abanike ubuhle, uMvelinqangi wazi ngokwedlulele ngalokho okusemiphefumulweni yabo ngempela ukube bengikushilo kanjalo bengizoba ngomunye wabayizoni."
32. Bathi, "Oh Nowa! uphikisene nathi futhi uyandisile impikiswano nathi ngakho-ke silethele lokho osisongela ngakho uma ungomunye wabaneqiniso."
33. (UNowa) wathi "uMvelinqangi kuphela oyoza kunina nalokho (enginisongela ngakho) uma uMvelinqangi ethanda angeke nina niphunyuke (kukona)."
34. Futhi angeke sinisize iseluleko sami ngisho noma ngabe ngithanda ukuthi ngineluleke ngokuhle uma uMvelinqangi efisa ukunidukisa yena uyiNkosi yenu futhi niyobuyiselwa kuyena.
35. Noma bathi uyiqambile ithi "uma ngiyiqambile ngakho-ke likunina icala lami futhi mina ngimsulwa kulokhu enenza icala kukona."

***Isigaba sesine (4)***

36. Futhi kwembulwa kuNowa ukuthi "Akekho (umuntu) oyokholwa ebantwini bakho ngaphandle kwalabo asebekholwa ngakho-kekungakuphathi kabi lokho ababehlala bekwenza."
37. Futhi yekha umkhumbi ngaphambi kwamehlo ethu (sikubhekile) nangesambulo sethu futhi ungakhulumi nami ngalabo abayizoni ngempela bona bayominziswa.
38. Wayesewakha umkhumbi, kwakuthi njalo uma bedlula kuyena abaholi babantu bakhe bamenze inhlekisa, wathi "uma

nisihleka ngakho-ke ngempela nathi siyanihleka njengoba nihleka."

39. Ngakho-ke niyokwazi ukuthi ubani oyofikelwa isijeziso esiyomhlaza noyofanelwa ukwehlelwa isijeziso esingapheliyo.
40. Kwaze kwaba ilapho kufika khona impoqo yethu uhhavini waletha amanzi sathi "ngenisa kuwona (umkhumbi) okubili kuzona zonke izidalwa (okuyisilisa nesifazane) kanye nomndeni wakho ngaphandle kwalowo elamedlula izwi kanye nalowo owayekholwa, futhi akekho owayekholwa kanye naye ngaphandle kwabambalwa."
41. (UNowa) wayesethi, "ngenani phakathi (emkhunjini) egameni likaMvelinqangi kuzoba ukuhamba kwawo nokuma kwawo ngempela iNkosi yami iyathethelela inesihawu."
42. Wabe sewuhamba nabo phakathi kwamagagasi anjengezintaba, uNowa wayesememeza indodana yakhe eyayiziqhelelanisile (nabo wathi) Oh ndodana yami! gibela kanye nathi (emkhunjini) ungabi kanye nabangakholwayo.
43. Yathi (indodana kaNowa) ngizophephela entabeni, izongiphephisa emanzini (uNowa) wathi, "Akukho msindisi kulolusuku empoqweni kaMvelinqangi ngaphandle kwalowo anomusa kuyena, amagagasi eza phakathi kwabo bobabili ngakho-ke (indodana kaNowa) yayingomunye wabaminzayo."
44. Futhi kwathiwa, "Oh mhlabathi! gwinya amanzi akho futhi Oh sibhakabhaka! misa (imvula) abohliswa amanzi futhi udaba lwafezeka (ukubhubhisa abantu baka Nowa umkhumbi) wahlala phezu (kwentaba) iJudi futhi kwathiwa "qhelelana nabantu abayizoni"
45. Futhi uNowa wamemeza iNkosi yakhe wathi "Nkosi yami ngempela indodana yami ingeyomndeni wami futhi ngempela isithembiso sakho siyiqiniso futhi wena ungonobulungiswa ukwedlula bonke abehluleli.
46. Wathi "Oh Nowa! ngempela yena akasiyena owomndeni wakho, ngempela umsebenzi wakhe awulungile ngakho-

ke ungangibuzi ngongenalo ulwazi ngakho ngempela mina ngiyakweluleka hleze ube ngomunye wabangenalwazi."

47. Wathi (uNowa) "Nkosi yami ngifuna isiphephelo kuwena ukubuza ngengingenalo ulwazi ngakho futhi ngaphandle uma ungithethelela futhi ube nomusa kumina ngizoba ngomunye wabalahlelweyo."
48. Kwathiwa, "Oh Nowa! yehlika (emkhunjini) ngokuthula okuvela kuthina nezibusiso ziphezu kwakho naphezu kwezizwe ezikanye nawe futhi kunezizwe (noma abantu) esiyobathokozisa (okwesikhashana) bese siyabathinta isijeziso esibuhlungu esivela kuthina."
49. Lezi ezinye zezindaba ezimayelana nokungabonwayo, esizembula kuwena owawungazazi wena ngisho nabantu bakho ngaphambi kwalokhu ngakho-ke bekezela ngempela isiphetho (esihle) singesabasabayo (abalungileyo).

***Isigaba sesihlanu (5)***

50. Futhi ku-AD (sathumela) umfowabo uHud wathi "Oh bantu bami! khonzani uMvelinqangi aninaNkulunkulu ngaphandle kwakhe, anenzi lutho ngaphandle kokuqamba (amanga).
51. Oh bantu bami! anginiceli mvuzo ngakho, kuphela umvuzo wami ukulowo owangidalayo ngakube aninawo yini umqondo na?
52. Futhi, Oh bantu bami! celani intethelelo eNkosini yenu bese niyazisola kuyona iyothumela phezu kwenu (imvula) eningi evela esibhakabhakeni bese ininezelela amandla emandleni enu futhi ningafulatheli ningabanecala.
53. Bathi, "Oh Hud! awusilethele ubufakazi obucacile futhi nathi angeke siziyeke izithixo zethu ngenxa yenkulumo yakho futhi angeke sikholelwe kuwena."
54. Asisho lutho ngaphandle kokuthi ezinye zezithixo zethu zikugadle ngobubi (uHud) wathi "ngempela mina ngifakaza

ngoMvelinqangi futhi ngiyafakaza ukuthi mina ngimsulwa kulokho enenzela ngakho uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni."

55. Ngaphandle kwakhe bophani uzungu ngami nonke kanyekanye bese ninganginiki thuba.

56. Ngempela mina ngibeke ithemba lami kuMvelinqangi iNkosi yami neNkosi yenu asikho isidalwa (esizenzelayo) ngaphandle kokuthi yena (uMvelinqangi) ungosibamba ngesihlonti (unamandla okusiphatha) ngempela iNkosi yami isendleleni eqondile.

57. Kepha uma nifulathela ngikudlulisile kunina lokho engithunywe kona kunina futhi iNkosi yami izoletha abanye abantu esikhundleni senu futhi angeke niyilimaze ngalutho, ngempela iNkosi yami ingumlondolozi wezinto zonke.

58. Futhi kwathi lapho sekufika impoqo yethu (isijeziso sethu) samsindisa uHud kanye nalabo ababekholwa kanye naye ngomusa ovela kuthina futhi sabasindisa esijezisweni esinzima.

59. Futhi labo (kwakungabantu) baka-Ad ababephika amavesi eNkosi yabo futhi babengazihloniphi izithunywa zayo futhi babelandela impoqo yabo bonke ababeqhosha ababenenkani.

60. Futhi balandeliswa kulomhlaba ngesiqalekiso nangelanga lokuvuka kwabafileyo (bayolandeliswa ngesiqalekiso) ngokungangabazeki, ngempela (abantu) baka-Ad babephika iNkosi yabo, abaqhelelane (abantu) ba-Ad nabantu baHud.

## *Isigaba sesithupha (6)*

61. Futhi kuThamud (sathumela) umfowabo uSalih wathi, "Oh bantu bami! khonzani uMvelinqangi aninakho eningakukhonza ngaphandle kwakhe nguyena owaniveza emhlabeni wanizinzisa kuwona, ngakho-ke celani intethelelo kuyena bese niyazisola kuyena, ngempela iNkosi yami iseduzane iyaphendula.

62. Bathi, "Oh Salih! wawukanye nathi uthembekile ngaphambilini kwalokhu, ngakube usenqabela ukuthi sikhonze lokhu okwakukhonzwa ngobaba bethu na? Futhi ngempela thina sinokungabaza kulokho osimemela kukona.

63. (USalih) wathi, "Oh bantu bami! ngakube nibonile yini ukuthi ngisebufakazini obucacile obuvela eNkosini yami na? Futhi yangipha umusa ovela kuyona ngakho-ke ubani ozongelekelela kuMvelinqangi uma bengingamhloniphanga na? Ngakho-ke aninginezeleli ngalutho ngaphandle kokulahlekelwa.

64. Futhi (wathi) "Oh bantu bami! leli ikameli lensikazi likaMvelinqangi kunina linguphawu ngakho-ke liyekeni lizidlela emhlabeni kaMvelinqangi futhi ningalithinti ngobubi (ningalenzi okubi) niyothathwa isijeziso esiseduzane."

65. Ngakho-ke balinquma (ikameli lensikazi) wayesethi, "zithokoziseni emakhaya enu izinsuku ezintathu lesi isithembiso esingeke siphikwe."

66. Ngakho-ke kwathi lapho sekufike impoqo yethu samsindisa uSalih kanye nalabo ababekholwa kanye naye ngomusa ovela kuthina nasehlazweni langalelosuku ngempela iNkosi yakho yona inamandla, iphakeme ngamandla.

67. Ukukhala okwesabekayo kwabathatha labo ababenze okubi ngakho-ke basala ezindlini zabo (befile) bedindilizile.

68. Kwaba sengathi abazange bahlale (baphile) lapho, ngokungangabazeki ngempela (abantu) baThamud bayiphika iNkosi yabo ngakho-ke ngaziqhelelanisa noThamud.

## Isigaba sesikhombisa (7)

69. Futhi ngempela zafika izithunywa zethu ku-Abraham nezindaba ezimnandi (zambingelela) zathi "ukuthula" (waphendula u-Abrahamu) wathi "ukuthula" ngakho-ke akazange achithe isikhathi ukuletha inyama yenkonyane eyosiwe.

70. Ngakho-ke kwathi lapho ebona ukuthi izandla zazo (izithunywa) azifinyeleli kuyona wangazithembi (izithunywa) futhi wazesaba zathi “ungesabi ngempela thina sithunywe kubantu baLothi.”
71. Futhi unkosikazi wakhe wayemile wahleka ngakho-ke sabe sesimtshena izindaba ezimnandi ngo-Isaka nezangemumva kuka-Isaka ezikaJakobe.
72. Unkosikazi wathi “hhawu isimanga sami yini ukuthi ngingathola ingane kulapho mina sengiyisalukazi nomyeni wami eyixhegu na? Ngempela lokhu kuyinto emangalisayo”
73. Zathi (izithunywa) “ngakube umangaliswa umyalelo kaMvelinqangi, umusa kaMvelinqangi nezibusiso zakhe ziphezu kwenu banikazi bomuzi, ngempela yena ungobongwayo odunyiswayo.”
74. Ngakho-ke kwathi lapho sekuphelile ukwesaba ku-Abraham zafika kuyena izindaba ezimnandi ephikisana nathi mayelana nabantu baLothi.
75. Ngempela u-Abrahamu ngokungangabazeki wayebekezela, wayememeza uMvelinqangi ngobuqotho ezisola (kuMvelinqangi).
76. Oh Abrahamu! kuyeke lokhu ngempela seyifikile impoqo yeNkosi yakho futhi ngempela bona sesibanike isijeziso esingeke sigwenywe.
77. Futhi kwathi lapho sekufika izithunywa zethu kuLothi waphatheka kabi ngazo wazidabukela wayesethi “lolu usuku losizi.”
78. Futhi bafika kuyena abantu bakhe bejahe kuyena futhi nangaphambilini babejwayele ukwenza izinto ezimbi, (uLothi) wathi “Oh bantu bami! lawa ngamadodakazi ami wona amsulwa ngokwedlulele kunina ngakho-ke sabani uMvelinqangi ningangihlazi ezivakashini zami, ngakube ayikho yini kunina indoda ehlakaniphile na?”

79. Bathi, "Ngempela uyazi ukuthi asiwafuni amadodakazi akho futhi ngempela wena uyakwazi esikufunayo."
80. Wathi (u-Lothi) "ukube bengingaba namandla okuqondana nani noma isiphephelo sokwesekwa okuqinisekile (ukunivimbela kulokho)."
81. (Izithunywa) zathi, "Oh! Lothi ngempela thina siyizithunywa zeNkosi yakho abasoze bafinyelela kuwena ngakho-ke hamba nomndeni wakho ngengxenye yobusuku, phakathi kwenu makungabibikho ngisho noyedwa ozobheka emumva ngaphandle konkosikazi wakho ngempela (unkosikazi wakho) uyovelelwa ilokho okuyobavelela, ngempela isithembiso sabo sisekuseni, ngakube akusondele yini ukusa na?
82. Ngakho-ke kwathi lapho sekufika impoqo yethu saliketula labheka phezulu (idolobha iSodom) futhi sanethisa phezu kwalo amatshe (enziwe) ngobumba oluqinile.
83. Babekwe uphawu eNkosini yakho futhi sona asiqhelelene nezoni.

***<u>Isigaba sesishiyagalombili (8)</u>***

84. Futhi nakubantu baseMidyani (sathumela) umfowabo uShu'ayb wathi "Oh bantu bami! khonzani uMvelinqangi aninaye omunye uNkulunkulu ngaphandle kwakhe ninganciphisi isikalo noma isisindo ngempela mina nginibonela okuhle futhi ngempela mina nginesabela isijeziso sosuku olusingethe (zonke izinto).
85. Futhi (wathi), Oh bantu bami! nikezani isikalo nesisindo ngobulungiswa futhi ningababaphuci abantu izinto zabo futhi ningenzi ukona ezweni nibe yizigangi.
86. Okuseleyo kungokuka-Mvelinqangi kungcono kunina uma ningabakholwayo futhi mina angisiyena umlondolozi wenu.
87. Bathi "Oh Shu'ayb! ngakube umthandazo wakho okuphoqela ekuthini siyeke lokho okwakukhonzwa obaba bethu noma

ukuthi senze esikuthandayo ngengcebo yethu na? Ngempela wena ungobekezelayo ohlakaniphileyo (benza ngaye inhlekisa)."

88. Wathi, Oh bantu bami! ngakube nibonile yini ukuthi ngisobufakazini obucacile obuvela eNkosini yami futhi ingiphile isipho (sobuprofethi)esihle esivela kuyona futhi angithandi ukuthi ngiphikisane nani kulokho engininqabele kukona angifuni lutho (kunina) ngaphandle kwenguquko engingakwazi ukuyenza futhi impumelelo yami ayikumuntu ngaphandle kokuthi ikuMvelinqangi, ngithembele kuyena futhi ngiphendukela kuyena ngokuzisola.

89. Futhi Oh bantu bami! ukunehlukanisa kwami (nokukhonza lokho okwakukhonzwa obaba benu) akungabi imbangela phakathi kwenu ukuthi nehlelwe okufana nokwehlela abantu baNowa noma abantu baHud noma abantu baSalih futhi abantu baLothi abakude kunina.

90. Futhi celani intethelelo eNkosini yenu bese niyazisola kuyona ngempela iNkosi yami inesihawu inothando.

91. Bathi Oh Shu'ayb! asikuqondi okuningi kulokho okushoyo futhi ngempela sikubona ungeyilutho kuthina futhi ukube bekungesingenxa yomndeni wakho besizokukhanda ngamatshe futhi awunamandla okubhekana nathi.

92. Wathi, "Oh bantu bami! ngakube umndeni wami uhlonipheke ngokwedlulele kunina ukwedlula uMvelinqangi na? Nimthatha nimshiye ngemumva kwemihlane yenu ngempela iNkosi yami ikusingethe lokho enikwenzayo."

93. Futhi Oh bantu bami! yenzani okusamandleni enu ngempela nami ngingumenzi (wokusemandleni ami) niyokwazi ukuthi ubani oyothola isijeziso esiyomhlaza nokuthi ngubani ongumqambi wamanga na? Futhi bhekani ngempela nami ngikanye nani ngingobhekileyo.

94. Futhi kwathi lapho sekufika impoqo yethu samsindisa uShu'ayb kanye nalabo ababekholwa kanye naye ngomusa

ovela kuthina, (isijeziso-ukukhala okwesabekayo) kwabathatha labo abayizoni basala bebhumbuluzile (befile) emakhaya abo.

95. Kwaba sengathi abakaze bahlale khona, ngokungangabazeki ayiqhele (ayijeziswe) iMidyane njengoba waqhela uThamud.

***Isigaba sesishiyagalolunye (9)***

96. Futhi ngempela sathumela uMose nezimpawu zethu negunya elicacile.
97. KuFaro kanye nabaholi bakhe, babelandela impoqo (umthetho) kaFaro kepha umthetho kaFaro wawungalungile.
98. Uyobahola abantu bakhe ngosuku lokuvuka kwabafileyo abaholele emlilweni futhi yimbi indawo ayobaholela kuyona.
99. Futhi balandeliswa ngesiqalekiso (kulomhlaba) nangelanga lokuvuka kwabafileyo sibi isipho abanikwa sona.
100. Lena enye yezindaba zamadolobha esiyixoxela wena kuzona kunezimile nesezivuniwe (esezidlulile).
101. Futhi asizange sibenzele okungenabulungiswa kepha imiphefumulo yabo eyenza okungenabulungiswa ngakho-ke azizange zibasize ngalutho izithixo zabo okuyizona (abazikhonzayo) abazimemezayo esikhundleni sikaMvelinqangi ngenkathi kufika impoqo yeNkosi yakho (izithixo zabo) azizange zibanezelele ngalutho ngaphandle kwembubhiso.
102. Futhi kunjalo ukubamba (ukujezisa) kweNkosi yakho ngenkathi ibamba amadolobha kulapho wona enza okungalungile, ngempela ukubamba kwakhe kubuhlungu, kunzima.
103. Ngempela kulokho kunophawu (kunesifundo) kunoma ngabe ubani owesaba isijeziso sempilo ezayo, lelo usuku abayoqoqelwa ngalo ndawonye abantu futhi lelo kuyoba usuku eliyoba ngufakazi (bonke bayokubakhona).

104. Futhi asilihlehlisi (ihora) ngaphandle (kokulihlehlisela) isikhathi esinqunyiweyo.
105. Ngosuku eliyofika ngalo (ihora) awukho umphefumulo oyokhuluma ngaphandle kwemvume yakhe ngakho-ke abanye babo bayobe bedabukisa futhi abanye babo bayobe bethokoza.
106. Ngakho-ke labo abayobe bedabukisa bayoba semlilweni okwabo lapho kuyoba ukubhonga nokugquma.
107. Bayohlala khona ingunaphakade inqobo nje uma amazulu nomhlaba esakhona ngaphandle uma iNkosi yakho ithanda, ngempela iNkosi yakho ingeyenza lokho ekuthandayo.
108. Futhi labo abajatshulisiwe bayokuba sesivandeni bayohlala khona ingunaphakade inqobo nje uma amazulu nomhlaba kusekhona ngaphandle uma iNkosi yakho ithanda ukubanika isipho esingapheliyo.
109. Ngakho-ke ungabi nokungabaza ukuthi labantu bakhonzani laba abakhonzi lutho ngaphandle (kokukhonza) okunjengo-kwakukhonzwa oyise ngaphambilini futhi ngempela thina sizobanika ingxenye yabo ingancishisiwe.

***Isigaba seshumi (10)***

110. Futhi ngempela samnika uMose incwadi ngakho-ke kwaba khona ukuphikisana kuyona futhi ukube izwi aliphumanga eNkosini yakho ngempela bekuzohlulelwa phakathi kwabo futhi ngempela bona basekungabazeni okukhulu ngayo.
111. Futhi ngempela iNkosi yakho izobakhokhela ngamunye ngezenzo zabo ngempela yona iyazi ngabakwenzayo.
112. Ngakho-ke qhubeka njalo endleleni eqondile njengoba uphoqiwe kanye nalabo abaphendukela emumva ngokuzisola kanye nawe futhi ningabi nokucindezela ngempela yona iyakubona lokho enikwenzayo.

113. Futhi ningathembeli kulabo abayizoni hleze nithintwe umlilo futhi aninabavikeli ngaphandle kukaMvelinqangi bese ningasizwa.
114. Futhi enza umthandazo eziphethweni ezimbili zosuku nasekusondeleni kobusuku ngempela izenzo ezinhle zisusa izenzo ezimbi leso isikhumbuzo kulabo abanakay.
115. Futhi bekezelani ngakho-ke ngempela uMvelinqangi akawulahli umvuzo wabenzi bokuhle.
116. Ngakho-ke ukube kwakungekho phakathi kwezizukulwane ngaphambilini kwenu abahlakaniphileyo abanqabela (abanye) ekwenzeni ukona emhlabeni ngaphandle kwabambalwa phakathi kwalabo esabasindisa phakathi kwabo, futhi labo abayizoni babelandela injabulo ababekuyona (yempilo yalomhlaba) futhi babeyizoni.
117. Futhi iNkosi yakho yayingeke ibhubhise amadolobha ngokungesikhona ubulungiswa kulapho abantu bawo benze okulungileyo.
118. Futhi ukube yayithanda iNkosi yakho yayizokwenza abantu ukuthi babe isizwe esisodwa kepha angeke bayeke ukuphikisana.
119. Ngaphandle kwalabo iNkosi yakho eyabanomusa kubona futhi kanjalo yabadala kwagcwaliseka izwi leNkosi yakho ngempela ngizogcwalisa isihogo ngamaJinn nabantu ndawonye.
120. Futhi konke esikutshena khona ngezindaba zezithunywa ilokho esiqinisa ngakho inhliziyo yakho futhi kulokhu lifikile kuwena iqiniso nokushunyayezwa nesikhumbuzo sabakholwayo.
121. Futhi ithi kulabo abangakholwa “yenzani okusemandleni enu ngempela nathi senza (okusemandleni ethu)”.
122. Futhi lindani ngempela nathi singabalindileyo.
123. Futhi kungokukaMvelinqangi okungabonwayo kwamazulu nomhlaba futhi ikuyena lapho kubuyiselwa khona zonke izindaba ngakho-ke mkhonzeni futhi ubeke ithemba kuyena

futhi akusikhona ukuthi iNkosi yakho ayikunakile lokho enikwenzayo.

# (12)
# Yusuf – uJosefa

## Isigaba sokuqala (1)

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Alif Lam Ra, lawa ngamavesi encwadi ecacile.
2. Ngempela thina sayembula iQur'an (ngolimi) lwesi-Arab ukuze mhlawumbe niqonde.
3. Thina sikuxoxela izindaba ezimnandi ngokwedlulele ngesikwembulile kuwena, lena iQur'an yize noma ngaphambilini kwayo wawungomunye wabanganakile.
4. Khumbula ngenkathi uJosefa ethi kuyise, "Oh baba wami! ngempela mina ngibone (ephuphweni) izinkanyezi eziyishumi nanye nelanga nenyanga ngizibone zingikhothamela."
5. (Uyise) wathi, "Oh ndodana yami! ungabaxoxeli abafowenu iphupho lakho hleze bakudalele icebo ngempela usathane uyisitha somuntu esigqamile"
6. Futhi kanjalo iNkosi yakho iyakukhetha futhi ikufundisa ukuchazwa kwamaphupho futhi iphelelise ububele bayo phezu kwakho kanye nasemndenini kaJakobe njengoba yawuphelelisa phezu kwabazali bakho bobabili ngaphambi kuka-Abraham no-Isaka ngempela iNkosi yakho iyisazi inobuhlakani.

## Isigaba sesibili (2)

7. Ngempela kuJosefa nabafowabo kunezimpawu kulabo ababuzayo.
8. Ngenkathi bethi kuJosefa nomfowabo bathandeka ngokwedlulele kubaba wethu kunathi sibe siyiqembu (singumndeni) ngempela ubaba wethu usephutheni elicacile.

9. Akubulawe uJosefa noma aphonswe (kwenye) indawo ukuze anake nina ubaba wenu futhi emva kwalokho niyoba ngabantu abalungileyo."
10. Sathi isikhulumi phakathi kwabo "ningambulali uJosefa uma nifuna ukwenza okuthize mphonseni phakathi emthonjeni zizomcosha ezinye zezihambi uma kungukuthi nizokwenza njalo."
11. Bathi, "Oh baba wethu! kungani ungasethembi ngoJosefa kulapho ngempela thina singabamfisela okuhle na?"
12. Mthumele kanye nathi kusasa ukuze azithokozise futhi adlale futhi ngempela thina sizomlondoloza.
13. Wathi (uyise), ngempela mina kungiphatha kabi ukuthi ningahamba naye futhi ngiyesaba ukuthi angase adliwe impisi ngenkathi nina ningamnakile.
14. Bathi (abafowabo bakaJosefa) uma edliwa impisi kulapho thina siyiqembu elinamandla ngempela thina kuyobe silahlekelwe.
15. Ngakho-ke kwathi lapho bemthatha behamba naye futhi bavumelana ukuthi bamphonse phakathi ekugcineni komthombo samembulela ukuthi (ngelinye ilanga) uyobuyela ubatshene ngaloludaba lwabo kulapho bona bengaboni (bengasakhumbuli).
16. Futhi (abafowabo kaJosefa) bafika kubaba wabo ebusuku bekhala.
17. Bathi, "Oh Baba wethu! besincintisana ngokugijima sashiya uJosefa eduze nezimpahla zethu wayesedliwa impisi futhi wena angeke usikholwe (kulokho esikushoyo) yize noma siqinisile."
18. Base beletha ihembe lakhe elibhecwe ngegazi lamanga, (ubaba wabo) wathi "Qha imiphefumulo yenu iniholele kokuthize ngakho-ke ukubekezela kuhle futhi uMvelinqangi ongumsizi kulokho enikuchazayo."
19. Kwase kufika iqulu lezihambi ngakho-ke zase zithumela umuntu wazo ozikhelela amanzi wayeselehlisa ibhakade lakhe (emthonjeni ukuze akhe amanzi) wathi "hawu izindaba ezinhle

lona ngumfana! Base bemfihla njengempahla yokuhwetshwa futhi uMvelinqangi uyisazi salokho ababekwenza."

20. Bamthengisa ngenani elincane ngamadirhamu ambalwa futhi babengabanye ababengenandaba ngaye.

***Isigaba sesithathu (3)***

21. Futhi lowo owamthengayo waseGibhithe wathi kumkakhe "yenze inhlalo yakhe ibe yinhle hleze abe usizo kuthina noma simthathe njengendodana futhi kanjalo-ke samzinzisa uJosefa emhlabeni ukuze simfundise ukuhunyuswa kwezigameko futhi uMvelinqangi unamandla phezu kodaba lwakhe kepha iningi labantu alazi."

22. Futhi kwathi lapho (uJosefa) esekhula samupha ubuhlakani nolwazi futhi sibanika kanjalo umvuzo abenzi bokuhle.

23. Futhi lowo (Nkosikazi) ayehlala endlini yakhe wayefuna ukumholela ekoneni wavala iminyango wathi, "woza" (uJosefa) wathi "ngifuna isiphephelo sikaMvelinqangi ngempela yena uyiNkosi yami eyenze kwakuhle ukuhlala kwami, ngempela yona ayibaphumelelisi abayizoni."

24. Futhi ngempela (unkosikazi ka-Azizi) wayemfisa (uJosefa) futhi naye wayezomfisa ukube wayengabubonanga ubufakazi beNkosi yakhe kanjalo siyobuphebeza kuyena ububi nokukhohlakala ngempela yena (uJosefa) wayengomunye wezinceku zethu ezikhethiweyo ezimsulwa.

25. Futhi bobabili (uJosefa nonkosikazi ayehlala endlini yakhe) babephangelana bejahe emnyango (unkosikazi) wadabula ihembe lakhe ngemumva, bobabili bahlangana nomyeni wenkosikazi ngasemnyango unkosikazi (wabuza umyeni wakhe) wathi "Isiphi isijeziso salowo ofuna ukwenza okungalungile kunkosikazi wakho na ngaphandle kokuba afakwe ejele noma isijeziso esibuhlungu."

26. (UJosefa) wathi “uyena (owesifazane) obefuna ukwenza ukukhohlakala nami” futhi wafakaza ufakazi ophuma phakathi kwabantu (owesifazane wathi) “ukube ihembe lakhe belidabuke ngaphambili ngakho-ke uqinisile (owesifazane) yena (uJosefa) ungomunye wabaqambi bamanga.
27. Kodwa uma ihembe lakhe lidabuke ngemumva ngakho-ke (owesifazane) uqamba amanga futhi yena (uJosefa) ungomunye wabaqinisile.
28. Ngakho-ke kwathi lapho esebona ukuthi ihembe lakhe lidabuke ngemumva wathi “ngempela kuyicebo lenu (nina makhosikazi! Ngempela icebo lenu elikhulu.”
29. Josefa ungakunaki lokhu futhi (Nkosikazi wami) cela intethelelo ngesono sakho ngempela wena ungomunye wabanezono.

***Isigaba sesine (4)***

30. Futhi abesifazane bedolobha bathi “unkosikazi wa-Al-Azizi ufuna ukwenza ukukhohlakala nomfana omncane (nesigqila) sakhe, ngempela uthando lwakhe (owesifazane) lwadlulela ngempela simbona esephutheni elisobala.”
31. Ngakho-ke kwathi lapho ezwa (uNkosikazi ka-Al-Azizi) ukugxekwa ngabesifazane wathumela ukuba balandwe, futhi wabalungiselela idili wayesebanika bonke abesifazane ngamunye ummese wayesethi (unkosikazi ka-Al-Azizi kuJosefa) “phumela kubona ngakho-ke kwathi lapho sebembona bamphakamisa (ngobuhle bakhe bamangala) futhi bazisika izandla zabo base” bethi “ukuphelela kungokukaMvelinqangi! Akusiyena umuntu lona ngaphandle kokuthi uyingelosi enkulu.”
32. Wathi (uNkosikazi ka-al-Azizi) ngakho-ke lona nguyena ebeningisola ngaye futhi ngempela bengifuna ukwenza ukukhohlakala naye kepha wenqaba futhi uma engafuni

ukwenza engimphoqa kukona ngempela uzofakwa ejele bese ngempela eba ngomunye wabajabhisiwe.

33. (UJosefa) wathi "Nkosi yami ijele lithandeka ngokwedlulele kumina kunalokho abangimemela kukona futhi uma ungalishabalalisi kumina icebo labo ngizosuke ngithambekele kubona bese ngiba ngomunye wabangenalwazi."

34. Ngakho-ke iNkosi yakhe yawuphendula umthandazo wakhe yalibhuntshisa kuyena icebo labo (abesifazane) ngempela yona ingozwayo owaziyo.

35. Kwabe sekuyavela kubona emva kokuba sebebubonile ubufakazi ukuthi (u-Al-Azizi) akamfake ejele isikhashana.

***Isigaba sesihlanu (5)***

36. Kwangena kanye naye ejele abantu besilisa ababili abasebancane oyedwa wabo wathi "ngempela mina ngizibone (ephusheni) ngakha iwayini" yathi enye "ngempela mina ngizibone (ephuphweni) ngithwele ngekhanda lami isinkwa izinyoni zidlela kusona (bathi) sitshele incazelo yalokhu ngempela thina sikubona ungomunye wabenzi bokuhle."

37. Wathi "angeke kuze kufike kunina nobabili ukudla enabelwa kona nobabili ngaphandle kokuthi nobabili nginitshele incazelo yakho ngaphambi kokuba kufike kunina nobabili, lokhu kungokunye kwalokho engikufundiswe iNkosi yami, ngempela iNkosi yami ngiyishiyile inkolo yabantu abangakholwa kuMvelinqangi futhi bona empilweni ezayo bayoba ngabangakholwayo."

38. Futhi ngilandele inkolo yobaba bami u-Abrahamu noIsaka noJakobe, akusifanele ngalutho ukuthi singenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni, lokhu kuphuma emseni kaMvelinqangi owehlela phezu kwethu kanye nakubantu kepha iningi labantu alibongi.

39. Oh bangane ababili basejele! ngakube othixo abehlukehlukene bangcono noma uMvelinqangi oyedwa umnqobi na?
40. Aningakhonzi lutho esikhundleni sakhe ngaphandle kwamagama eniwaqambe nina kanye nobaba benu, uMvelinqangi akazange alehlisele phansi igunya ngalokho umthetho akusiwona wamuntu ngaphandle kokuthi ungokaMvelinqangi, uniphoqe ukuthi ningakhonzi lutho ngaphandle kwakhe, leyo inkolo eqondile kepha iningi labantu alazi.
41. Oh bangane ababili basejele! (incazelo yamaphupho enu ukuthi) oyedwa wenu uzothelela iNkosi (umphathi) wakhe iwayini bese kuthi omunye uzonqanyulezwa bese ziyadla izinyoni ekhanda lakhe udaba seluhluleliwe okuyilona nobabili ebenilubuza.
42. Futhi wathi kulowo ayecabanga ukuthi uzokhululwa (uzosindiswa) kubona bobabili "ngikhumbule eNkosini yakho (umphathi) kepha usathane wamenza ukuthi amkhohlwe ukumkhumbula eNkosini yakhe ngakho-ke wahlala ejele iminyaka embalwa."

## ***Isigaba sesithupha (6)***

43. Futhi iNkosi yathi "ngempela mina ngibone (ephuphweni) izinkomo eziyisikhombisa ezikhuluphele zidliwa eziyisikhombisa ezizacile kanye nezikhwebu eziyisikhombisa eluhlaza nezinye ezomile, Oh nina baholi! ngichazeleni iphupho lami uma kungukuthi nina niyawachaza amaphupho."
44. Bathi, "amaphupho ahlangene (ayindida) futhi thina asikwazi ukuchaza amaphupho."
45. Futhi lowo owayekhululiwe kubona nobabili wakhumbula emva (kwesikhashana) wathi "mina ngizonitshela incazelo yalo ngakho-ke ngithumeleni khona."

46. Wafika wathi, Oh Josefa! Oh! wena oneqiniso sichazele ngezinkomo eziyisikhombisa ezikhuluphele ezidliwe ezizacileyo nangezikhwebu eziyisikhombisa eziluhlaza nezinye ezomileyo ukuze ngibuyele kubantu ukuze bazi.
47. Wathi (uJosefa) nizolima iminyaka eyisikhombisa elandelananyo bese kuthi lokho enizokuvuna nikushiye ezikhwebini zakho (nikulondoloze) ngaphandle kokuncane eniyokudlayo.
48. Bese emva kwalokho kuyofika iminyaka eyisikhombisa enzima (yendlala) ilandelana eyodla konke lokho eniyobe nikubekele ukuza kwayo ngaphandle kokuncane kulokho eniyobe nikulondolozile.
49. Bese kuthi emva kwalokho kuyofika unyaka lapho abantu beyothola khona imvula eningi kakhulu futhi abayokwenza ngawo (okuthize).

***Isigaba sesikhombisa (7)***

50. Futhi iNkosi yathi, "izani naye kumina" ngakho-ke kwathi lapho isithunywa sesifika kuyena (uJosefa) sathi "phindela eNkosini yakho uyibuze ukuthi kwenzekani kwabesifazane ababezisike izandla zabo na? Ngempela iNkosi yami (uMvelinqangi) uyazi ngecebo labo."
51. (INkosi) yathi "lwaluyini udaba lwenu ngenkathi nanifuna ukwenza ukukhohlakala kuJosefa na?" (Abesifazane) bathi "isiphephelo singesika Mvelinqangi asizange sazi ukuthi simenzela ububi" unkosikazi ka-Al-Azizi wathi "manje selisobala iqiniso mina ngangifuna ukwenza ukukhohlakala kuyena futhi ngempela yena waba ngomunye wabaneqiniso."
52. (UJosefa wathi ngibuza ngalokhu) ukuze azi (u-Al-Azizi) ukuthi ngempela mina angizange ngenze ukungathembeki kuyena (ngokwenza ukukhohlakala kunkosikazi wakhe) engekho nokuthi uMvelinqangi akaliholi icebo (labangalungile).

53. Futhi angizibizi ngokhululekile ngempela umphefumulo uholela ebubini ngaphandle uma ibe nomusa iNkosi yami, ngempela iNkosi yami ingethethelelayo inesihawu.
54. Futhi iNkosi yathi, "mletheni kumina ngizozikhethela yena mina" ngakho-ke kwathi lapho seyikhuluma naye yathi "ngempela wena namhlanje usezingeni eliphezulu elithembekile".
55. (UJosefa waphendula) wathi, "ngibeke esikhundleni sokuba ngibe umlondolozi wezinqolobana zezwe ngempela mina ngizoba ngumlondolozi onolwazi".
56. Futhi kanjalo-ke sambeka ezingeni eliphezulu uJosefa emhlabeni ukuthi ahlale kuwona noma ngabe ikuphi lapho ethanda khona, sehlisela umusa wethu phezu kwanoma ngabe ubani esimthandayo futhi asiwulahli umvuzo wabenzi bokuhle.
57. Futhi ngempela umvuzo wempilo ezayo ungcono kulabo abakholwayo futhi abamesabayo (uMvelinqangi).

***Isigaba sesishiyagalombili (8)***

58. Futhi abafowabo kaJosefa bafika bangena kuyena ngakho-ke wayebazi (ukuthi bangabafowabo) kepha bona bengasamboni (ukuthi unguJosefa).
59. Futhi kwathi lapho esebalungisela umhlinzeko wabo (ukudla ababezokuthenga) wayesethi, "yizani kumina nomfowenu ozalwa nguyihlo aniboni yini ukuthi mina ngenza isilinganiso esigcwele nokuthi mina ngingumamukeli wezihambeli ongcono kunabanye na?"
60. Kepha uma ningezi naye kumina angeke nize nisithole isilinganiso (esigcwele sokudla) kumina futhi angeke nize nisondele kumina.
61. Bathi, "sizozama ukuthi uyise amdedele futhi ngempela thina sizokwenza lokho".

62. (UJosefa) wayesethi ezincekwini zakhe "fakani imali yabo emithwalweni yabo uma sebehamba ukuze bayibone uma sebephindele emndenini wakubo ukuze babuyele emumva".
63. Ngakho-ke kwathi lapho sebephindele emumva kubaba wabo bathi "Oh Baba wethu! Senqatshelwe isilinganiso (sokudla) ngakho-ke thumela kanye nathi umfowethu ukuze sinikezwe isilinganiso (sokudla) futhi ngempela thina sizomlondoloza".
64. (Uyise) wathi, "ngakube nginganethemba yini ngaye njengendlela enganethemba ngayo ngomfowabo ngaphambilini na? Ngakho-ke uMvelinqangi ungumlondolozi ongcono futhi yena ungonomusa ngokwedlulele ukwedlula abanomusa".
65. Futhi kwathi lapho sebevula imithwalo yabo bathola ukuthi imali yabo iphindiselwe emumva kubona bathi, "Oh Baba wethu! yini enye esingayifisa na? Lena imali yethu ibuyiselwe kuthina futhi kufanele sithole ukudla komndeni wethu futhi silondoloze umfowethu futhi sandise isilinganiso somthwalo wekameli, lokho kuyisilinganiso esilula".
66. (Uyise) wathi, "angisoze neze ngamthumela kanye nani kuze kube ninginika isithembiso (isifungo) ngoMvelinqangi ukuthi nizombuyisela kumina ngaphandle uma nizungelezwe (izitha)" ngakho-ke kwathi lapho sebemnikile isithembiso sabo (isifungo ukuthi bazobuya naye) wathi "uMvelinqangi ungufakazi kulokhu esikushoyo".
67. Futhi (ubaba wabo) wathi, "Oh Madodana ami! ningangeni esangweni elilodwa ngenani emasangweni ehlukene futhi angeke nginisize ngalutho kuMvelinqangi, ukwehlulela akusikhona kwamuntu ngaphandle kokuthi kungokukaMvelinqangi ngethembele kuyena futhi ikuyena lapho bethembela khona abanethemba".
68. Futhi kwathi lapho sebengenile njengoba babephoqwe ubaba wabo akubasizanga ngalutho maqondana noMvelinqangi ngaphandle kwesidingo emphefumulweni kaJakobe

eseneliseka futhi ngempela yena wayenalo ulwazi lwalokhu esamfundisa kona kepha iningi labantu alazi.

***Isigaba sesishiyagalolunye (9)***

69. Futhi kwathi lapho sebengena kuJosefa wamhlalisa kanye naye umfowabo (Benjamin) wathi "ngempela mina ngingumfowenu ngakho-ke ungaphatheki kabi ngenxa yalokho abakwenzayo".
70. Ngakho-ke kwathi lapho esebalungiselela umthwalo wabo wafaka isitsha sokuphuza emthwalweni kamfowabo sabe sesiyamemeza isimemezi (sathi) "Oh nina zihambi! ngempela ningamasela".
71. Baphendukela kubona bathi "kungabe yini enilahlekele na?"
72. Bathi "silahlekelwe isitsha seNkosi futhi lowo ozosiletha (sona) uzothola (okulingene) nomthwalo wekameli futhi mina ngiyazibophezela kukona".
73. Bathi "Sifubga ngoMvelinqangi ngempela benazi ukuthi asizanga ukuzokwenza ukona ezweni futhi asiwona amasela".
74. Bathi "ngakho-ke siyini isijeziso uma kungukuthi ningabaqambi manga na?"
75. Bathi "inhlawulo yako ukuthi lowo esizotholakala emthwalweni wakhe (isitsha) yena uqobo uzoba inhlawulo yako kanjalo sibanika umvuzo abayizoni".
76. Ngakho-ke waqala (ngokusesha) imithwalo yabo ngaphambi kokuba (aseshe) umthwalo womfowabo wayesesikhipha (isitsha senkosi) emthwalweni kamfowabo samenzela kanjalo icebo uJosefa, wayengeke amthathe umfowabo ngokwenkolo (ngokomthetho) wenkosi ngaphandle uma uMvelinqangi ethanda, siyawenyusa amazinga kulowo esimthandayo nangaphezulu kwabo bonke abanolwazi (kepha uMvelinqangi) unolwazi.
77. Bathi, "uma entshontsha nomfowabo wantshontsha ngaphambilini" kepha uJosefa wakugcina kwaba imfihlo

emphefumulweni wakhe wangakuvezi kubona wathi "nina ningababi futhi uMvelinqangi wazi kangcono ngalokho enikuchazayo".

78. Bathi, "Oh Mhlonishwa! Ngempela uyise usekhulile ngakho-ke thatha oyedwa wethu esikhundleni sakhe ngempela thina sikubona ungomunye wabenzi bokuhle".

79. (UJosefa) wathi "uMvelinqangi uyenqaba Ukuthi sithathe omunye ngaphandle kwalowo esithole impahla yethu kuyena ngempela thina (uma senza kanjalo) sizobe singenabo ubulungiswa."

***Isigaba seshumi (10)***

80. Ngakho-ke kwathi lapho belahla ithemba ngaye (ngokuthola umfowabo) bahlangana ngasese omdala kubona wathi, "ngakube anazi yini ukuthi uyihlo wenza isivumelwano nani (ngesifungo) sikaMvelinqangi na? Nokuthi ngaphambilini nehluleka kanjani ngoJosefa ngakho-ke angisoze ngalishiya lezwe kuze kube ubaba wami unginika imvume noma uMvelinqangi ungithathela isinqumo futhi yena ungongcono kunabanye abathatha izinqumo.

81. Phindelani kuyihlo nithi, "Oh Baba wethu! Ngempela indodana yakho intshontshile futhi asizange sifakaze lutho ngaphandle kwalokho esikwaziyo futhi besingebona abagcini (izazi) zokungabonwayo".

82. Futhi buza (abantu) bedolobha ebesikade sikulona kanye nezihambi esifike kanye nazo futhi ngempela singabaneqiniso.

83. (Ubaba wabo) wathi "Qha imiphefumulo yenu inikhohlisile odabeni ngakho-ke ukubekezela kuhle uMvelinqangi uzobaletha kumina bonke (uJosefa noBhenjamini) ngempela yena ungowaziyo onobuhlakani.

84. Futhi wayesesuka kubona wathi Oh Ngiphatheka kabi ngoJosefa, namehlo akhe aphenduka abamhlophe ngenxa yokuphatheka kabi ayekugqiba.
85. Bathi, "Sifunga ngoMvelinqangi angeke uze upheze ukumkhumbula uJosefa kuze kube Yilapho uba intengentenge ngenxa yobudala noma ube ngomunye wabafileyo".
86. Wathi, "kuphela ngiyakhononda kuMvelinqangi ngosizi nangokuphatheka kabi kwami futhi nginolwazi oluvela kuMvelinqangi lolu eningalwazi".
87. Oh Madodana ami! Hambani niyobuza ngoJosefa kanye nomfowabo futhi ningalilahli ithemba ngomusa kaMvelinqangi akekho olahla ithemba ngomusa kaMvelinqangi ngaphandle kwabantu abangakholwayo.
88. Ngakho-ke kwathi lapho sebengena kuyena (uJosefa) bathi "Oh Mhlonishwa! Lusikhathazile usizi kanye nomndeni wakithi futhi size nemali encane ngakho-ke siphe isilinganiso (sokudla) esigcwele futhi iba ngophanayo kuthina ngempela uMvelinqangi ubanika umvuzo abaphanayo".
89. (UJosefa) wathi "ngakube seniyakwazi yini enakwenzayo kuJosefa kanye nomfowabo ngenkathi nina naningenalwazi na?"
90. Bathi, "Sifunga ngakube ngempela wena unguJosefa yini na?" wathi, "mina ngingu Josefa futhi lona (uBhenjamini) ungumfowethu, uMvelinqangi ube nomsa kuthina ngempela lowo owenza okulungileyo futhi abekezele ngakho-ke ngempela uMvelinqangi akawulahli umvuzo wabenzi bokuhle".
91. Bathi "ngoMvelinqangi ngempela uMvelinqangi wakukhetha ngaphezu kwethu futhi sasiyizoni".
92. Wathi, "Makungabikho ukusolwa kunina kulolusuku, uMvelinqangi (angase) anithethelele futhi yena ungonomusa ukwedlula bonke abanomusa".

93. "Hambani naleli hembe lami nilijikijele ebusweni bukababa wami uzophenduka obonayo bese niza kumina nomndeni wenu wonke".

***Isigaba seshumi nanye (11)***

94. Ngakho-ke kwathi lapho izihambi zihamba ubaba wabo wathi, "ngempela mina ngizwa iphunga likaJosefa ngisho noma ngabe nithi akunjalo".
95. Bathi, "Sifunga ngoMvelinqangi! Ngempela wena usephutheni (ngenxa) yobudala bakho".
96. Ngakho-ke kwathi lapho esefika umlethi wezindaba ezimnandi walijikijela (ihembe) lakhe ebusweni bakhe ngakho-ke kwabuya ukubona (kukaJokobe) wathi, "ngakube angizange yini nginitshene ukuthi mina nginolwazi oluvela kuMvelinqangi lolu eningalwazi."
97. Bathi, "Oh Baba wethu! Sicelele intethelelo (kuMvelinqangi) ngenxa yezono zethu ngempela thina sasingabasephutheni".
98. Wathi, "Ngizonicelela intethelelo eNkosini yami ngempela yona ingethethelelayo inesihawu".
99. Ngakho-ke kwathi lapho sebengena kuJosefa wabahlalisa kanye naye abazali bakhe wayesethi "ngenani eGibhithe ngokuphepha uma uMvelinqangi ethanda".
100. Futhi waphakamisela abazali bakhe esihlalweni sobukhosi bawa bamkhothamela wayesethi (uJosefa) "Oh Baba wami! lena incazelo yephupho lami langaphambilini iNkosi yami ilenze lafezeka futhi yaba nomusa ngenkathi ingikhipha ejele futhi yaniletha (lapha) nisuka empilweni yasebhadawi (yasogwadule) emva kokuba usathane esetshale ukungezwani phakathi kwami nabafowethu ngempela iNkosi yami inobubele kulokho ekuthandayo ngempela yona iyazi inobuhlakani".
101. Nkosi yami ungiphile embusweni futhi wangifundisa ukuhunyushwa kwamaphupho ungumsunguli wamazulu

nomhlaba wena ungumvikeli wami lapha emhlabeni nasemhlabeni ozayo ngenze ukuba ngife ngingozinikele ngaphansi kwentando yakho ungihlanganise nabalungileyo.

102. Lena enye yezindaba zokungabonwayo esiyembula kuwena futhi wawungekho kubona ngenkathi behlanganisa icebo labo futhi bebopha uzungu.

103. Futhi abantu abaningi abakholwa yize noma ngabe ubagqugquzela.

104. Futhi awuwuceli umvuzo kubona ngakho, akuyilutho ngaphandle kokuthi kuyisikhumbuzo emihlabeni.

***Isigaba seshumi nambili (12)***

105. Futhi zingaphi izimpawu emazulwini nasemhlabeni abazidlulayo kulapho bona bengazinakile na?

106. Futhi iningi labo alikholwa kuMvelinqangi ngaphandle kokuthi bona bangabenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni.

107. Ngakube bazizwa bephephile yini ukuthi bangafikelwa isijeziso esimangalisayo esivela kuMvelinqangi noma ukuthi bafikelwe ihora ngokuphazima kweso kulapho bona bengaboni (benganakile) na?

108. Ithi, "lena indlela yami ngimemela kuMvelinqangi ngolwazi mina kanye nalabo abangilandelayo futhi udumo lungolukaMvelinqangi futhi mina angisiyena omunye wabakhonzi bezithixo".

109. Futhi asizange sithumela muntu ngaphambilini kwakho ngaphandle kwamadoda esembula kuwona isambulo okungabantu bamadolobha ngakube abazange yini bahambe ezweni babone ukuthi sasinjani isiphetho salabo ababengaphambilini kwabo futhi ikhaya lempilo ezayo lingcono kulabo abenza okulungileyo ngakube aninamqondo yini na.?

110. Kwaze kwaba ilapho izithunywa ziphela khona amandla futhi zacabanga ukuthi zona zaziphikwa, usizo lwethu lwafika kuzona ngakho-ke basindiswa labo esibathandayo futhi angeke siqhelelaniswe isijeziso sethu nabantu abayizoni.

111. Ngempela emilandweni yabo kunesifundo kubantu abaqondayo (iQur'an) akusiyona inkulumo eqanjiwe kepha igcwalisela lokho okwakungaphambilini kwayo nencazelo ngobunjalo bazo zonke izinto nokuhola nomusa kubantu abakholwayo.

# (13)
# Al' Rad-Ukuduma kwezulu

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu.*

1. Alif Lam Mim Ra, lawa ngamavesi encwadi kanye nalokho okwembulwe kuwena okuvela eNkosini yakho okuyiqiniso kepha iningi labantu alikholwa.
2. UMvelinqangi nguyena owaphakamisa amazulu ngaphandle kwezinsika ukuze nibone, wayesezibeka esihlalweni sobukhosi futhi wenza ilanga nenyanga ukuthi ngakunye kuhambe ngesikhathi esinqunyiwe, uhlela udaba (ngalunye) uwachaza ngobunjalo bawo amavesi ukuze niqiniseke ekuhlanganeni neNkosi yenu.
3. Futhi nguyena owendlala umhlaba wazinzisa kuwona izintaba kanye nemifula futhi (nguyena owenza ukuthi) kuleso naleso sithelo okubili ngakubili wenza ukuthi ubusuku bumboze imini ngempela kulokho kunezimpawu kubantu abacabangayo.
4. Futhi emhlabeni kunemihlaba ebanzi esondelene nezivande zamagilebhisi nezitshalo namasundu amila emabili empandeni nangamili empandeni, kuchelelwa ngamanzi awodwa futhi senza ezinye (izithelo) zibe ngcono kunezinye ekudliweni, ngempela kulokho kunezimpawu kubantu abanomqondo.
5. Futhi uma umangele ngakho-ke siyamangaza isisho sabo (esithi) ngakube uma siwuthuli ngempela (siyovuswa) yini sibe izidalwa ezintsha na? Labo bayilabo abaphika ukholo eNkosi yabo futhi laba bayoba namaketanga emiqaleni yabo, futhi labo bayoba ngabanqwamani nomlilo bayohlala khona ingunaphakade.

6. Futhi bakujahela ebubini ngaphambi kobuhle futhi sezadlula ngaphambilini kwabo izijeziso ezifana (nalokho abakujahayo) futhi ngempela iNkosi yakho ingumnikazi wentethelelo kubantu ekungalungini kwabo futhi ngempela iNkosi yakho inzima ekujeziseni.
7. Futhi labo abangakholwanga bathi, "kungani kungehliselwanga phansi kuyena uphawu oluvela eNkosini yakhe na?" Kuphela wena ungumxwayisi futhi kulabo nalabo bantu kunomholi.

***Isigaba sesibili (2)***

8. UMvelinqangi uyakwazi lokho okukhulelwe ibona bonke abesifazane kanye nalokho izizalo ezilahlekelwa yikona (okusuke kungakalungeli ukuthi kungazalwa) kanye nalokho ezikwandisayo (izizalo) futhi zonke izinto kuyena zilinganisiwe.
9. Uyisazi sokungabonwayo nokubonwayo, mkhulu uphakeme.
10. Kuyefana (kuyena) noma ngabe omunye wenu ufihla inkulumo noma nalowo oyivezayo kanye nalowo ozifihlayo ebusuku bese ehamba emini.
11. Ezakhe izingelosi eziqaphelayo ngaphambili (komuntu ngamunye) nangemva kwakhe ziyamlondoloza ngempoqo kaMvelinqangi akasiguquli isimo sabantu kuze kube ilapho beguqula lokho okusemiphefumulweni yabo futhi uma uMvelinqangi eqonde okubi ebantwini akekho ongakuphindisela emumva futhi abanaye umvikeli ngaphandle kwakhe.
12. Nguyena onikhombisa umbani odala ukwesaba nethemba futhi (nguyena) oletha amafu asindayo.
13. Nokuduma kuyamphakamisa ngodumo lwakhe kanye nezingelosi (ziyamdumisa) ngenxa yokumesaba futhi athumele ukushaya konyazi ashaye ngawo lowo amthandayo ngenkathi bona bephikisana ngoMvelinqangi kanti yena uphakeme ngamandla futhi unzima ekujeziseni.

14. Ikuyena lapho umthandazo uyiqiniso khona futhi labo abamemeza abanye esikhundleni sakhe ababaphenduli ngalutho ngaphandle njengalowo owelulela izandla zakhe zombili emanzini ukuze afinyelele emlonyeni wakhe kepha wona akafinyeleli kuyena, umthandazo wabangakholwayo awulutho ngaphandle kokuthi ungukuduka.
15. Futhi ikuMvelinqangi lapho noma ngabe ubani osemazulwini nasemhlabeni ekhothama khona bethanda noma bengathandi kanye nezithunzi zabo ekuseni nakusihlwa.
16. Ithi, ngubani iNkosi yamazulu nomhlaba na? Ithi, "uMvelinqangi" ithi, "ngakube nizithathele abanye abavikeli esikhundleni sikaMvelinqangi abangaziphatheli nzuzo nakulimaza emiphefumulweni yabo na?" ithi, "ngakube uyefana yini oyimpumputhe kanye nobabonayo noma ngakube buyefana yini ubumnyama nokukhanya na? Noma benzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni, abadale okunjengendalo yakhe ukuze indalo (abayidalile neyakhe) ibukeke ifana kubona ithi, "uMvelinqangi ongumdali wezinto zonke futhi ungoyedwa ongavinjwa".
17. Wehlisela phansi amanzi (imvula) evela esibhakabhakeni igeleza ezihosheni ngendlela eyithanda ngayo, izikhukhula ziwasuse amagwebu akhukhumalayo futhi nakulokho abakuncibilikisayo emlilweni ukuze kwakhiwe okokuhloba noma izitsha, kuvele igwebu elifana nako, kanjalo uMvelinqangi uliveza (ngezibonelo) iqiniso kanye namanga ngakho-ke amagwebu ayadlula njengento engeyilutho bese kuthi lokho okuwusizo kubantu kuyasala emhlabeni uMvelinqangi wenza kanjalo-ke izibonelo.
18. Kulabo abayiphendula iNkosi yabo kunobuhle kanye nalabo abangazange bayiphendule ukube babengaba nakho konke okusemhlabeni kanye nokufana nakho kanye nakho babezonikela ngakho njengenhlengo, labo-ke okwabo

ukwehlulelwa okubi futhi indawo yabo yokuhlala isihogo futhi yimbi ngempela leyo ndawo yokuphumula.

***Isigaba sesithathu (3)***

19. Ngakube lowo owaziyo ukuthi okwehliselwa phansi kuwena okuvela eNkosini yakho ukuthi kuyiqiniso njengalowo oyimpumputhe na? Kuphela abakhumbulayo abantu abaqondayo.
20. Labo abasifezayo isethembiso sikaMvelinqangi futhi bangasephuli isivumelwano.
21. Kanye nalabo abenza lokho uMvelinqangi aphoqe ngakho ukuba kwenziwe futhi abayesabayo iNkosi yabo futhi bayakwesaba ukwehlulelwa okubi.
22. Kanye nalabo ababekezelayo befuna ukubona ubuso beNkosi yabo futhi benza umthandazo benikela esithe nasobala kulokho esibaphe kona benqabela ububi ngobuhle labo okwabo kuyoba isiphetho esihle.
23. Izivande zase-Eden (zangunaphakade) abayongena kuzona kanye nalabo abenza okulungileyo abaphuma phakathi koyise nakumakhosikazi abo nasezinganeni zabo nezingelosi ziyongena kubona ngawo wonke amasango.
24. (Kuyothiwa) Ukuthula makube kunina ngenxa yokubekezela kwenu ubuhle ikhaya lokugcina.
25. Kanye nalabo ababephula isivumelwano sikaMvelinqangi emva kokuqinisekiswa kwaso futhi behlukanisa lokhu uMvelinqangi aphoqe ngakho ukuba kuxhunywe futhi benza ukona emhlabeni labo-ke okwabo isiqalekiso futhi okwabo ikhaya elibi (isihogo).
26. UMvelinqangi uyakwandisa ukuphana kunoma ngabe ubani amthandayo futhi akuqinisekise (ukuphana kwakhe) futhi bayayithokozela impilo yalomhlaba futhi ayiyilutho impilo

yalomhlaba kunempilo ezayo ngaphandle kokuthi iyintokozo yesikhashana.

***Isigaba sesine (4)***

27. Futhi labo abangakholwayo bathi, "kungani lungehliselwanga phansi kuyena uphawu oluvela eNkosini yakhe na?" Ithi ngempela uMvelinqangi udukisa lowo amthandayo bese eholela kuyena lowo ophendukela kuyena ngokuzisola.
28. Labo abakholwayo futhi izinhliziyo zabo ezithola ukuphumula ekukhumbuleni uMvelinqangi ngempela ekukhumbuleni uMvelinqangi izinhliziyo zithola ukuphumula.
29. Labo abakholwayo futhi benze izenzo ezinhle injabulo ingeyabo (nendawo) enhle yokuphindela.
30. Kanjalo sakuthumela esizweni esekwadlula ngaphambilini kwaso izizwe ukuze ubafundele lokho esakwembula kuwena kulapho bona bemphika onomusa, Ithi, "yena uyiNkosi yami akekho onokukhonzwa ngaphandle kwakhe ngithembele kuyena futhi kukuyena ukuphindela kwami".
31. Futhi uma bekungaba khona iQur'an okungasuswa ngayo izintaba (zibekwe kwenye indawo) noma kudatshulwe ngayo umhlaba noma kukhulunyiswe ngayo abafileyo (beyingeke ibe khona ngaphandle kwaleQur'an) kepha zingezika-Mvelinqangi zonke izimo, ngakube abazi yini labo abakholwayo ukuthi ukube uMvelinqangi wayethanda wayezobahola bonke abantu, abasoze bayekwa labo abangakholwa ukwehliselwa okubi ngenxa yalokho abakwenzile noma kwehlele eduzane namakhaya abo kuze kube siyeza isithembiso sikaMvelinqangi ngempela uMvelinqangi akasephuli isethembiso.

***Isigaba sesihlanu (5)***

32. Futhi ngempela kwenziwa inhlekisa ngezithunywa ngaphambilini kwakho ngakho-ke ngabanika ithuba labo abangakholwanga ngabe sengiyabathatha (ngiyabajezisa) ngakho-ke sasinjani isijeziso sami na?
33. Ngakube nguyena (uMvelinqangi) oqaphela yonke imiphefumulo mayelana nekusebenzeleyo, futhi benzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni ithi, "ziqambeni amagama (izithixo zenu) noma nimtshene ngalokho angakwazi emhlabeni noma abakuvezayo okuyinkulumo, kepha lenziwa labukeka lilihle icebo labo kulabo abangakholwayo futhi bavinjelwe endleleni eqondile futhi lowo odukiswe nguMvelinqangi angeke aze abenaye umholi."
34. Okwabo isijeziso empilweni yalomhlaba futhi ngempela isijeziso sempilo ezayo sinzima ngokwedlulele, futhi angeke babenaye umvikeli ovela kuMvelinqangi.
35. Isibonelo sesivande esethenjiswe abenza okulungileyo, kugeleza ngaphansi kwaso imifula, izithelo zaso azipheli nomthunzi waso. Leso isiphetho salabo abenza okulungileyo nesiphetho sabaphika ukholo ngumlilo.
36. Kanye nalabo esabanika incwadi bayathokoza ngalokho okwembulwa kuwena futhi ezixukwini kunabanye abayiphikayo ingxenye yayo ithi, "kuphela ngiphoqiwe ukuthi ngikhonze uMvelinqangi futhi ngingamenzeli abahlanganyeli ekumkhonzeni, ngimemela kuyena futhi kukuyena ukuphindela kwami."
37. Futhi kanjalo siwembulile umthetho (iQur'an) ngesi-Arab futhi uma ulandele izifiso zabo eziyize leze emva kokuba usufikelwe ulwazi angeke ube namqapheli obhekene noMvelinqangi futhi ngisho nomvikeli.

***Isigaba sesithupha (6)***

38. Futhi ngempela sathumela izithunywa ngaphambilini kwakho futhi sazenzela ukuthi zibe namakhosikazi nezingane futhi kwakungesikhona okwesithunywa ukuthi size nophawu ngaphandle kwemvume kaMvelinqangi isikhathi nesikhathi (udaba nodaba) kunesimemezelo (sikaMvelinqangi).
39. UMvelinqangi ususa lokho akuthandayo futhi aqinise (lokho akuthandayo) futhi kuyena kunomama wencwadi.
40. Futhi noma ngabe siyakukhombisa ingxenye yalokho esibathembisa kona noma senze ukuthi ufe ngakho-ke kuphela umthwalo ophezu kwakhe ukushumayela futhi okwethu ukwehlulela.
41. Ngakube ababoni yini ukuthi ngempela thina siyeza emhlabeni siwunciphise emaceleni na? UMvelinqangi uyehlulela akekho ohoxisa isehlulelo sakhe futhi yena ungosheshayo ekwahluleleni.
42. Futhi benza icebo labo ababengaphambilini kwabo ngakho-ke angawaMvelinqangi wonke amacebo, uyakwazi konke okusetshenzelwa iyona yonke imiphefumulo futhi abangakholwa bayokwazi ukuthi ingekabani indlu yokugcina.
43. Futhi labo abangakholwanga bathi, "awusona isithunywa" ithi, "wanele uMvelinqangi njengofakazi phakathi kwami nani nanoma ubani onolwazi lwencwadi."

# (14)
# Ibrahim – uAbrahamu

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu.*

1. Alif Lam Ra incwadi (iQur'an) esiyembulile kuwena ukuze ukhiphe abantu ebumnyameni ubayise ekukhanyeni ngemvume yeNkosi yabo ubayise endleleni yophakeme ngamandla odunyiswayo.
2. UMvelinqangi okunguyena okungokwakhe konke okusemazulwini nakho konke okusemhlabeni, usizi kwabangakholwayo esijezisweni esinzima.
3. Labo abathanda impilo yalomhlaba kunempilo ezayo futhi bevimbela (abantu) endleleni kaMvelinqangi befuna ukuyenza ibemazombezombe labo-ke basekudukeni okukhulu.
4. Futhi asisithumelanga isithunyanywa ngolunye ulimi ngaphandle kolimi lwabantu baso ukuze sibachazele ngokucacile ngakho-ke uMvelinqangi udukisa lowo amthandayo futhi ahole lowo amthandayo futhi yena uphakeme ngamandla unobuhlakani.
5. Futhi ngempela sathumela uMose namavesi ethu ukuthi khipha abantu bakho ebumnyameni ubayise ekukhanyeni futhi ubakhumbuzise ngezinsuku zezijeziso zikaMvelinqangi, ngempela kulokho kunezimpawu kubona bonke ababekezelayo ababongayo.
6. Futhi (khumbula) ngenkathi uMose ethi kubantu bakhe (Oh bantwana bakwa-Israyeli!) "Khumbulani ububele bukaMvelinqangi kunina ngenkathi enisindisa ebantwini baFaro ababenihlupha ngesijeziso esinzima futhi babebulalala amadodana enu beshiya abesifazane benu bephila futhi kulokho kwakunesivivinyo esikhulu esivela eNkosini yenu".

***Isigaba sesibili (2)***

7. Futhi (khumbula) ngenkathi imemezela iNkosi yenu ukuthi uma nibonga ngempela ngizoninezelela (ngizoninika okungaphezulu kwalokho) futhi uma ningakholwa ngempela isijeziso sami sinzima.
8. Futhi uMose wathi, "uma ningakholwa nina kanye nabobonke abasemhlabeni ngakho-ke ngempela uMvelinqangi akaswele lutho ungodunyiswayo".
9. Ngakube azizange zifike yini kunina izindaba zalabo ababengaphambilini kwenu izindaba zabantu bakaNowa no-A'd noThamud kanye nezalabo (abeza) ngemumva kwabo, akekho obaziyo ngaphandle kukaMvelinqangi, zafika kubona izithunywa zabo nezimpawu ezicacile ngakho-ke babuyisela izandla zabo emilonyeni yabo base bethi "ngempela thina sakuphika lokho enanithunywe nako futhi ngempela thina sisekungabazeni okukhulu kulokhu enisimemela kukona".
10. Izithunywa zabo zathi, "Ngakube kukhona yini ukungabaza ngoMvelinqangi umsunguli wamazulu nomhlaba na? Uyanimema ukuze anithethelele ezonweni zenu bese eninika ithuba kuze kube isikhathi esinqunyiwe" bathi (ezithunyweni) aniyilutho ngaphandle kokuthi ningabantu njengathi nifuna ukusivimba kulokho okwakukhonzwa ngobaba bethu na? Ngakho-ke siletheleni igunya elicacile.
11. Izithunywa zabo zathi kubona "asiyilutho thina ngaphandle kokuthi singabantu njengani kepha uMvelinqangi wethwesa umusa lowo amthandayo ezincekwini zakhe futhi akusikhona okwethu ukuthi sinilethele igunya ngaphandle kwentando kaMvelinqangi futhi ikuMvelinqangi lapho bebeka khona ithemba abakholwayo".
12. Futhi kungani ukuthi singathembeli kuMvelinqangi kulapho esiholele ezindleleni zethu na? Futhi sizokubekezela kulokho

enisihlupha ngako futhi ikuMvelinqangi lapho bebeka khona ithemba abanethemba.

***Isigaba sesithathu (3)***

13. Futhi labo abangakholwanga bathi ezithunyweni zabo, "ngempela sizonigxosha ezweni lethu noma nibuyele enkolweni yethu ngakho-ke iNkosi yabo yembula (isambulo) kubona (yathi), "ngempela sizozibhubhisa izoni".
14. Futhi ngempela sizonizinzisa emhlabeni emva kwabo, lokhu okwalowo owesaba ukuma phambi kwami futhi owesaba ukusonga kwami.
15. Futhi babefuna ukunqoba nosizo, futhi bonke ababephika (ubunye bukaMvelinqangi) baholelwa ekudukeni nasekubhujisweni.
16. Isihogo siyoba singaphambi kwakhe futhi uyophuziswa amanzi abilayo aphuma ezilondeni zabantu basesihogweni.
17. Uyowaphuza engathandi futhi ethola ubunzima ekuwagwinyeni bese ukufa kuyeza kuyena zinhlangothi zonke kepha angafi futhi ngaphambili kwakhe kuyobe kunesijeziso esinzima kakhulu.
18. Isibonelo salabo abangakholwanga eNkosini yabo ukuthi imisebenzi yabo injengemilotha ephephethwa isivunguvungu somoya ngosuku lwezivunguvungu, abanamandla ngalutho kulokho ababekusebenzela, lokho kungukuduka okukude le!
19. Ngakube awuboni yini ukuthi uMvelinqangi wadala amazulu nomhlaba ngeqiniso na? Uma ethanda anganisusa (anganibhubhisa) bese eletha indalo entsha.
20. Futhi lokho kuMvelinqangi akunzima nakancane (ukuthi akwenze).
21. Futhi bonke bayovela kuMvelinqangi labo ababuthakathaka bayothi kulabo ababeqhosha "ngempela thina sasingabalandeli benu, ngakubeni nina ningasisiza ngokuthize esijezisweni

sikaMvelinqangi na? Bayothi, “ukube uMvelinqangi wayesiholile sasizonihola, kuyefana kuthina noma ngabe asibekezeli noma siyabekezela angeke sikwazi ukuphunyuka”.

***Isigaba sesine (4)***

22. Kuyothi uma udaba selunqunyiwe usathane uyothi “ngempela uMvelinqangi wanethembisa isethembiso seqiniso nami nganethembisa ngabe sengiyanishiya futhi ngangingenalo igunya kunina ngaphandle kokuthi nganibiza nangiphendula ngakho-ke ningangisoli solani imphefumulo yenu, angisiyena umsizi wenu nani aniyibona abasizi bami ngempela mina ngakuphika ukungihlanganisa kwenu noMvelinqangi ekumkhonzeni ngaphambilini ngempela okwezoni isijeziso esibuhlungu”.
23. Futhi labo abakholwayo futhi benza okulungileyo bayongeniswa ezivandeni ekugeleza ngaphansi kwazo imifula bayohlala khona ingunaphakade ngemvume yeNkosi yabo, isibingelelo sabo lapho (esivande) kuyoba ukuthula.
24. Awuboni yini ukuthi uMvelinqangi usenze kanjani isibonelo segama elihle sinjengesesihlahla esihle izimpande zaso ezisimeme namagatsha aso afinyelele esibhakabhakeni.
25. Sithela izithelo zaso zikhathi zonke ngemvume yeNkosi yaso futhi uMvelinqangi wenzela abantu izibonelo ukuze bakhumbuzeke.
26. Nesibonelo segama elibi sinjengesesihlahla esibi esiphulwe (sabekwa) ngaphezu komhlaba esingakwazi ukusimama.
27. UMvelinqangi uyabaqinisa labo abakholelwa ezwini eliyiqiniso empilweni yalomhlaba nasempilweni ezayo futhi uMvelinqangi uyazidukisa izoni futhi uMvelinqangi wenza lokho akuthandayo.

## *Isigaba sesihlanu (5)*

28. Awukababoni yini labo abaguqulela umusa kaMvelinqangi ekungakholweni futhi beholela abantu babo endaweni yokubhubha na?.
29. Isihogo indawo abayosha kuyona futhi siyindawo embi ukwakha (noma ukuhlala) kuyona.
30. Futhi benzela uMvelinqangi izimbangi ukuze badukise (abantu) endleleni yakhe ithi, "zijabuliseni ngoba ngempela ukuphindela kwenu kusemlilweni".
31. Tshena izinceku zami ezakholwayo ukuthi azenze umthandazo futhi ziphe kulokho esazipha kona esithe noma obala ngaphambi kokuba kufike usuku lapho kungekho khona ukuhwebelana nobungane.
32. UMvelinqangi owadala amazulu nomhlaba futhi wehlisela phansi amanzi (imvula) evela esibhakabhakeni wenza ngayo ukuthi kuvele izithelo eziyisipho kunina futhi wanenzela ukuthi kuvele izithelo eziyisipho kunina futhi wanenzela ukuthi imikhumbi intweze olwandle ngempoqo yakhe futhi wanenzela imifula ukuthi ibe lusizo (kunina).
33. Futhi wanenzela ilanga nenyanga ukuthi kube usizo kunina futhi wanenzela ukuthi ubusuku nemini bube usizo kunina.
34. Futhi waninika kukona konke enakucelayo kuyena futhi uma ningase (nizame) ukubala izipho zikaMvelinqangi angeke nikwazi ukuwubala ngempela umuntu akanabulungiswa akabongi.

## *Isigaba sesithupha (6)*

35. Futhi (khumbula) ngenkathi u-Abrahamu ethi, "Nkosi yami yenza ukuthi kulendawo kube nokuphepha futhi ungisindise kanye namadodana ami ekukhonzeni izithixo".

36. Nkosi yami ngempela zona (izithixo) zabadabukisa abantu abaningi ngakho-ke noma ngabe ubani ongilandelayo ngempela yena ungowami futhi noma ngabe ubani ongangihloniphi ngakho-ke ngempela wena uyathethelela unesihawu.
37. Nkosi yethu ngempela mina ngihlalise ingxenye yenzalo yami esigodini esingalimeki eduzane nendlu yakho engcwele, Nkosi yethu ukuze benze umthandazo ngakho-ke yenza ukuthi izinhliziyo zabanye abantu zithambekele kuyona (inzalo yami) futhi baphe izithelo ukuze mhlawumbe bona babonge.
38. Nkosi yami ngempela wena uyakwazi konke lokho esikufihlayo nakho konke esikuvezayo futhi akukho lutho olufihlekile kuMvelinqangi emhlabeni nasezulwini.
39. Udumo malube kuMvelinqangi okunguyena ongiphile ebudaleni bami u-Ishmayeli no-Isaka ngempela iNkosi yami ingewuzwayo umthandazo wami.
40. Nkosi yami ngenze ukuba ngigcine umthandazo nasenzalweni yami, nkosi yethu futhi wemukele umthandazo wami.
41. Nkosi yethu ngithethelele kanye nabazali bami kanye nabakholwayo ngosuku lokufika kokwahlulelwa.

## ***Isigaba sesikhombisa (7)***

42. Futhi ungacabangi ukuthi uMvelinqangi akakunakile lokho okwenziwa izoni kuphela ubanika ithuba kuze kube kufika usuku lapho amehlo ayobe egqolozile khona.
43. Bejahe phambili imiqala ilulekile amakhanda abo ebheke phezulu kwangabe kusabuyela kubona ukubona kwabo nezinhliziyo zabo zingenalutho.
44. Futhi xwayisa abantu ngosuku lapho beyofikelwa khona isijeziso ngakho-ke bayothi labo abayizoni “Nkosi yethu siphe ithuba kuze kube isikhathi esiseduzana ukuze siphendule esimemezelweni sakho futhi silandele izithunywa, (kuyothiwa)

"anizange nifunge yini ngaphambilini ukuthi angeke nize niyiyeke (impilo yalomhlaba ngenxa yempilo ezayo) na?

45. Futhi nahlala ezindaweni zokuhlala zalabo abayona imiphefumulo yabo futhi kwacaca kunina ukuthi senzanjani ngabo futhi sanenzela izibonelo.

46. Futhi benza icebo labo futhi kuMvelinqangi kunecebo labo, futhi akusikhona ukuthi icebo labo (linzima) lingasusa izintaba ezindaweni zazo.

47. Ngakho-ke ungacabangi ukuthi uMvelinqangi uyisehluleki esithembisweni sakhe ezithunyweni zakhe, ngempela uMvelinqangi uphakeme ngamandla ungumnikazi wokuphindisela.

48. Ngosuku lapho umhlaba uyoshintshwa ngomunye umhlaba kanjalo namazulu futhi (zonke izidalwa) ziyoza kuMvelinqangi oyedwa, ongavinjelwa.

49. Futhi uyabona izoni ngalelo langa zihlanganiswe ndawonye ngamaketango.

50. Izingubo zabo ziyobe zenziwe ngekolitayi futhi ubuso babo bumbozwe ngomlilo.

51. Ukuze uMvelinqangi anike uMvuzo yonke imiphefumulo lokho ekusebenzele ngempela uMvelinqangi uyashesha ukwahlulela.

52. Lona ngumyalezo wabantu ukuze baxwaye ngawo futhi ukuze bazi ukuthi kuphela yena unguNkulunkulu oyedwa futhi ukuze bakhumbule abantu abaqondayo.

# (15)
# Al-Hijr-Idwala

INGXENYE 14

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Alif Lam Ra lawa ngamavesi encwadi neQur'an ecacile.
2. Mhlawumbe labo abangakholwanga bayofisa sengathi babezinikele ngaphansi kwentando kaMvelinqangi.
3. Bayeke bazidlele, bazijabulise futhi babanjezelwe ithemba (elingeyilutho) ngakho-ke bazokwazi.
4. Futhi asizange silibhubhise idolobha ngaphandle kokuba kwakuyisimemezelo salo esaziwayo.
5. Asikho isizwe esingajahisa phambili isikhathi saso noma sisilibazise.
6. Futhi bathi, "Oh wena! Okwembulwe kuye isikhumbuzo (iQur'an) ngempela wena uyahlanya".
7. Kungani ungezi kuthina nezingelosi uma kungukuthi ungomunye wabaneqiniso na?
8. Asizithumeli izingelosi phansi ngaphandle uma (ziza) nesijeziso futhi (abangakholwayo) angeke banikwe ithuba.
9. Ngempela thina sasembula isikhumbuzo (iQur'an) futhi ngempela thina singabalondolozi baso.
10. Futhi ngempela sathumela (izithunywa) ngaphambilini kwakho (Oh Muhammad!) phakathi kwabantu basendulo.
11. Futhi sasingafiki kubona isithunywa ngaphandle kokuba basenze inhlekisa
12. Sikwenze kanjalo ukuba kungene ezinhliziyweni zezoni.
13. Abakholelwa kuyona (iQur'an) futhi ngempela sesadlula isibonelo salabo basendulo.
14. Futhi noma ngabe sabavulela umnyango wezulu babezoqhubeka bakhuphuke lapho.

15. Babezothi, "kuphela amehlo ethu abexhoshiwe kepha thina singabantu abalunjiwe."

***Isigaba sesibili (2)***

16. Futhi ngempela sabeka izinkanyezi ezinkulu ezulwini futhi sazenza zabukeka zizinhle kwabazibonayo.
17. Futhi saliqaphela kubona bonke osathane abagxoshiwe (embusweni kaMvelinqangi).
18. Ngaphandle kwalowo (sathane) ontshontsha ukulalela ngakho-ke ulandelwa ilangabi eligqamile.
19. Nomhlaba sawendlala senza kuwona izintaba ezisimeme futhi senza ukuthi kumile kuwona zonke izinto ngendlela efanele.
20. Futhi sanenzela kuwona izindlela zokuphila kanye nalezo (zidalwa) eningazondli (izinkomo nokunye).
21. Futhi akukho lutho olungekho kepha kuthina kunokugcinwa kwako futhi angeke sikwehlisele phansi ngaphandle ngesilinganiso esaziwayo.
22. Futhi sathumela imimoya ukuze ivundise sabe sesinethisa imvula evela esibhakabhakeni ukuze siniphuzise yona futhi nina aniyibona abagcini bayo (imvula).
23. Futhi ngempela thina siyaphilisa futhi siyabulala futhi siyizindlalifa.
24. Futhi ngempela siyabazi abeza kuqala kunani (izizukulwane ezafika ngaphambilini kwenu) futhi ngempela siyabazi abayoza emveni (kwalokho).
25. Futhi ngempela iNkosi yakho iyobaqoqela ndawonye, ngempela yona inobuhlakani iyazi.

***Isigaba sesithathu (3)***

26. Futhi ngempela samdala umuntu ngobumba olomile olubhucukile oluqhamuka emhlabathini ecwelekile.

27. NamaJinn sawadala ngaphambilini ngamalangabi omlilo.
28. Futhi (khumbula) ngenkathi iNkosi yakho ithi ezingelosini ngempela mina ngingumdali womuntu ngobumba olomileyo ocubuzekile oluqhamuka emhlabathini ocwelekileyo.
29. Ngakho-ke kwathi lapho sengimenzile (u-Adam) ngaphefumulela umoya wami kuyena ngakho-ke ngathi yiwani nimkhothamele.
30. Ngakho-ke izingelosi zamkhothamela zonke.
31. Ngaphandle kuka-Iblis wenqaba ukuthi abe kanye nabakhothamayo.
32. (UMvelinqangi) wathi, "Oh Iblis! kwenzenjani ngawe ukuthi ungabi kanye nabakhothamayo na?"
33. Wathi (u-Iblis) "angeke ngikwazi ukukhothamela umuntu owamdala ngobumba olucubuzekileyo oluphuma emhlabathini ocwelekileyo".
34. Wathi (uMvelinqangi) phuma kulona (izulu) ngakho-ke ngempela wena ungogxoshiweyo (embusweni wezulu).
35. Futhi ngempela phezu kwakho kunesiqalekiso kuze kube ilanga lokuvuka kwabafileyo."
36. (U-Iblis) wathi, "Nkosi yami nginike ithuba kuze kube usuku lokuvuswa kwabafileyo".
37. Wathi (uMvelinqangi) ngempela wena ungomunye wabanikwe ithuba.
38. Kuze kube usuku lwesikhathi esiqokiwe.
39. (U-Iblis) wathi, "Nkosi yami ngokuba ungidukisile ngempela ngizokwenza (ukona) kubukeke kukuhle kubona (abantu) emhlabeni futhi ngempela ngizobadukisa bonke."
40. Ngaphandle kwezinceku zakho (eziholiwe) phakathi kwabo.
41. Wathi "lena indlela yami eqondile (elungileyo)."
42. Ngempela ezincekwini zami awunagunya phezu kwazo ngaphandle kwalezo ezikulandelayo ezidukileyo.
43. Futhi ngempela isihogo siyisithembiso sabo bonke (labo abalandela u-Iblis).

44. Sinamasango ayisikhombisa isango nesango lalawomasango kunengxenye (yezoni) ebekiwe (kulona).

***Isigaba sesine (4)***

45. Ngempela abenza okulungileyo bayohlala ezivandeni nasemithonjeni yamanzi.
46. (Kuyothiwa kubona), "Ngenani kusona (isivande) ngokuthula niphephile".
47. Futhi siyosusa konke okusezifubeni zabo okubi okuyinzondo bahlale njengabazalwane ezihlalweni eziqhwakele ezibhekene.
48. Angeke kubathinte ukukhathazeka khona lapho (esivandeni) futhi bona angeke bakhishwe kusona.
49. Zitshele izinceku zami ukuthi mina ngiyathethelela nginesihawu.
50. Nokuthi isijeziso sami siyisijeziso esibuhlungu.
51. Futhi batshele ngezivakashi zika-Abrahamu.
52. Khumbula ngenkathi zingena kuyena ngakho-ke zathi, "ukuthula" yena wathi "ngempela siyanesaba".
53. Izivakashi (izingelosi) zathi, "ungesabi ngempela thina sikulethela izindaba ezimnandi zomfana onolwazi."
54. Wathi (u-Abrahamu), "Ngakube ningilethele izindaba ezimnandi kulapho sengificwe ukukhula (ukuguga) ningitshela izindaba ezimnandi ngani na?
55. Zathi (izingelosi) sikulethele izindaba ezimnandi ngokweqiniso ngakho-ke ungabi ngomunye wabalahlekelwe yithemba.
56. Wathi (u-Abrahamu) "ngubani ongalahlekelwa yithemba lomusa weNkosi yakhe ngaphandle kwabadukileyo na?"
57. (U-Abrahamu waphinde) wathi "nizokwenzani (lapha) Oh! Nina! zithunywa na?"
58. Zathi (izingelosi), "ngempela thina sithunywe ebantwini abayizoni."

59. Ngaphandle komndeni kaLothi ngempela sizobasindisa bonke (ekubhujisweni).
60. Ngaphandle konkosikazi wakhe esimthatha njengokuthi ngempela yena ungomunye wabasalela ngemumva.

***Isigaba sesihlanu (5)***

61. Ngakho-ke kwathi lapho sezifika izithunywa ebantwini baLothi.
62. Wathi "ngempela nina ningabantu abangaziwa".
63. Zathi, (izithunywa) "Qhabo size lapha kuwena nalokho abangabaza ngakho".
64. Futhi size kuwena neqiniso, ngempela thina singabaneqiniso.
65. Ngakho-ke hamba nomndeni wakho ngengxenye yobusuku futhi ubalandele ngemumva futhi kungabi khona ngisho noyedwa wenu ozobheka ngemumva futhi niye lapho eniphoqwe ukuya khona.
66. Futhi salwenza lwazeka kuyena lelo daba ukuthi izimpande zalaba (abayizoni) zizonqunywa ekuseni.
67. Futhi abantu bedolobha bafika begcwele injabulo.
68. Wathi "ngempela lezi izihambeli zami ngakho-ke ningangihlazi."
69. Futhi sabani uMvelinqangi futhi ningangihlazi.
70. Bathi (abantu baLothi) "asizange yini sikwenqabele (ekungeniseni) abantu na?"
71. Wathi (uLothi) "lawa ngamadodakazi ami uma nina ningabenzi (bokuhle)."
72. (Isifungo) ngempilo yakho! Ngempela bona badideke umqondo bayaphuphutheka njengezimpumputhe.
73. Ngakho-ke bathathwa ukukhala (umsindo) owesabekayo ngesikhathi sokuphuma kwelanga.
74. Ngakho-ke (idolobha lase-Sodom) saligumbuqela phansi futhi sanethisa phezu kwabo amatshe obumba olugazingiwe.

75. Ngempela kulokhu kunezimpawu kulabo ababonayo.
76. Futhi ngempela lona (idolobha laseSodom) lalisemgaqweni omkhulu.
77. Ngempela kulokho kunophawu kubantu abakholwayo.
78. Futhi izihlali zasehlathini (abantu baseMidyan) ngempela babengalungile.
79. Ngakho-ke saziphindisela kubona futhi ngempela wona womabili (amadolobha) asemgaqweni osobala.

## ***Isigaba sesithupha (6)***

80. Futhi ngempela izihlali zase-Hijr zaziphika izithunywa.
81. Futhi sabanikeza izimpawu zethu kepha abazinakanga (bazifulathela).
82. Futhi babeqopha izintaba ukuze bakhe izindlu (bazizwe) bephephile.
83. Ngakho-ke umsindo owesabekayo wabathatha ngesikhathi sasekuseni.
84. Ngakho-ke akubazuzelanga lutho lokho ababekusebenzela.
85. Futhi asizange siwadale amazulu nomhlaba kanye nakho konke okuphakathi kwako kokubili ngaphandle kweqiniso futhi ngempela ihora liyeza ngakho-ke thethelela ngentethelelo emnene.
86. Ngempela iNkosi yakho ingumdali (wamazulu nomhlaba) iyisazi.
87. Futhi ngempela sikunikezile (amavesi) ayisikhombisa aphindaphindiwe (Surah Fatiha) kanye neQur'an enkulu (engcwele).
88. Ungaphonsi amehlo akho kulokho esikuphe abanye phakathi kwabo njengesipho ukuze bazitike ngakho futhi ungabi lusizi ngabo yehlisela amaphiko akho (umusa wakho) phezu kwabakholwayo.
89. Futhi uthi, "ngempela mina ngingumxwayisi ogqamile".

90. Njengoba sehlisa phezu kwalabo ababehlukanisa.
91. Labo abenza iQur'an ukuthi ibe izingxenye.
92. Ngakho-ke ngifunga ngeNkosi yakho! Siyobabuza bonke ndawonye.
93. Mayelana nalokho ababekwenza.
94. Ngakho-ke memezela ngokusobala ngalokho ophoqwe ngakho futhi uqhelelane nabakhonzi bezithixo.
95. Ngempela thina sikwenele ukubhekana nabenza inhlekisa.
96. Labo abenza omunye unkulunkulu (isithixo) basihlanganise noMvelinqangi ngakho-ke bayokwazi.
97. Futhi ngempela siyazi ukuthi wena siyacinana isifuba sakho ngenxa yalokho abakushoyo.
98. Ngakho-ke dumisa udumo lweNkosi yakho futhi ube ngomunye wabazithobayo.
99. Futhi khonza iNkosi yakho kuze kube ufikelwe isiqiniseko (ukufa).

# (16)
# Al-Nahl – Izinyosi

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Impoqo ka-Mvelinqangi iyeza ngakho-ke ungayijahi udumo malube kuye nokuphakanyiswa ngaphezu kwalokho abakwenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni.
2. Uthumela phansi izingelosi nesambulo ngempoqo yakhe kunoma ngabe ubani amthandayo ezincekwini zakhe ukuze zexwaye ukuthi akunanto enokukhonzwa ngaphandle kwami (uMvelinqangi) ngakho-ke ngesabeni.
3. Wadala amazulu nomhlaba ngeqiniso, ungaphezu kwako konke lokho abamenzela ngakho abahlanganyeli ekumkhonzeni.
4. Wadala umuntu ngeconsi lesidoda elihlangene nokuphuma kwesifazane kepha (lowo muntu) nguyena oyisitha esigqamile.
5. Nezinkomo wazidalela nina, kuzona kunemfudumalo (izembatho ezifudumele) kanye nenzuzo futhi niyayidla inyama yazo.
6. Futhi kunobuhle kunina ngenkathi niziqhuba (nibuya nazo) nangenkathi nizikhiphela (emadlelweni azo).
7. Futhi zinithwalela imithwalo yenu esindayo ziyise endaweni ebeningeke nifinyelele kuyona ngaphandle kobunzima bemiphefumulo, ngempela iNkosi yenu inobubele inesihawu.
8. Futhi (wadala) amahhashi neminyuzi nezimbongolo ukuze nikugibele (njengo) mhlobiso futhi udala konke lokho eningakwazi.
9. Futhi ikuMvelinqangi inhloso yendlela (eqondile) futhi phakathi kwezindlela kunezinye eziphambukayo futhi ukube wayethanda wayezoniholela (endleleni eqondile) nonke.

***Isigaba sesibili (2)***

10. Nguyena owehlisela phansi amanzi (imvula) evela esibhakabhakeni ukuze niphuze kuyona, futhi ngayo (imvula) kumila izitshalo ezidliwa imfuyo.
11. Unimilisela ngayo izitshalo nomhlwathi (olivi) namasundu namagilebhisi kanye nazo zonke izinhlobo zezithelo, ngempela kulokho kunophawu ebantwini abacabangayo.
12. Futhi wanenzela ubusuku nemini nelanga nenyanga kanye nezinkanyezi, kwenziwa ngempoqo yakhe, ngempela kulokho kunezimpawu ebantwni abanomqondo.
13. Futhi konke lokho anidalela kona emhlabeni kunemibala eyehlukehlukene ngempela kulokho kunophawu (kunesifundo) kubantu abacangayo.
14. Futhi nguyena owadala ulwandle ukuze nikwazi ukudla inyama entsha ephuma kulona (izinhlanzi nokunye) nokuthi nikhiphe kulona izinto zokuhlobisa enizigqokayo futhi nokuthi imikhumbi ihamba kulona nokuthi ukuze nifune umusa wakhe futhi ukuze nibonge.
15. Futhi waphonsa emhlabeni izintaba zasimama hleze zizamazame kanye nani, kanye nemifula nezindlela ukuze nizihole nina uqobo lwenu.
16. Kanye nezimpawu nangezinkanyezi (ebusuku) bona bayaholeleka (ngenxa yokukhanya kwazo).
17. Ngakube lowo odalayo uyefana yini nalowo ongadali na? Ngakube anikhumbuli yini na?
18. Futhi uma ningase (nifise) ukubala ububele bukaMvelinqangi angeke nikwazi ukububala ngempela uMvelinqangi uyathethelela unesihawu.
19. Futhi uMvelinqangi uyakwazi konke lokho enikufihlayo nakho konke lokho enikuvezayo.
20. Futhi labo abamemeza (abakhonza) abanye esikhundleni sikaMvelinqangi abadali lutho bona uqobo lwabo badalwa.

21. Abafile abaphili futhi abazi ukuthi bayovuswa nini.

***Isigaba sesithathu (3)***

22. UMvelinqangi wenu uMvelinqangi oyedwa vo ngakho-ke labo abangakholelwa empilweni ezayo izinhliziyo zabo ziyakwenqaba (lokho) futhi bona bayazigabisa.
23. Akungabazeki ukuthi uMvelinqangi uyakwazi lokho abakufihlayo kanye nalokho abakuvezayo ngempela yena akabathandi abazigabisayo.
24. Futhi uma (bebuzwa) kuthiwa kubona yini eyembulwa iNkosi yena na? bathi, "izinganekwane zabantu basendulo".
25. Ukuze bakwazi ukuthwala imithwalo yabo yonke ngelanga lokuvuka kwabafileyo kanye nemithwalo yalabo ababadukisa ngaphandle kolwazi ngokungangabazeki kubi lokho abayokuthwala.

***Isigaba sesine (4)***

26. Labo ababengaphambilini kwabo benza icebo ngakho-ke uMvelinqangi weza ezakhiweni zabo eqhamuka ezisekelweni (zezakhiwo zabo) ngakho-ke lawela kubona uphahla luqhamuka ngaphezu kwabo nesijeziso saqhamuka kubona lapho babengaboni ukuthi singaqhamuka khona.
27. Besekuthi ngosuku lokuvuka kwabafileyo abajabhise futhi athi, "baphi abahlanganyeli bami (enaningenzela bona) labo nina enaniphikisa ngabo (abakholwayo) labo ababenikwe ulwazi bayothi, "ngempela usuku lehlazo nokubi kuphezu kwabangakholwayo".
28. Labo izingelosi ezenza ukuthi bafe kulapho bona benze okungenabulungiswa emiphefumulweni yabo, ngakho-ke bayozinikela (bathi) "asizange sikwenze okubi" yebo

(izingelosi ziyothi) "ngempela uMvelinqangi uyisazi saloko enanikwenza".

29. Ngakho-ke ngenani emasangweni esihogo nihlale khona phakathi ingunaphakade ngakho-ke yimbi indawo yokuhlala abazigabisayo.

30. Futhi kuyothiwa kulabo ababenza okulungileyo, "yini eyembulwa iNkosi yenu na?" bayothi "okuhle kulabo abenza okuhle, kulomhlaba kunobuhle futhi ngempela ikhaya lempilo ezayo lingcono futhi ngempela lingelekhethelo ikhaya labalungileyo."

31. Izivande zaseEden abayongena kuzona okugeleza ngaphansi kwazo imifula, okwabo khona yikhona konke abakuthandayo, uMvelinqangi ubanika kanjalo umvuzo abenzi bokuhle.

32. Labo izingelosi ezabenza ukuba bafe bengabalungileyo ziyothi "ukuthula makube kunina! Ngenani esivandeni ngenxa yalokho enanikwenza."

33. Ngakube balinde (okuthize) ngaphandle kokuthi izingelosi zifike kubona noma ukuthi kufike impoqo yeNkosi yakho na? Benza kanjalo labo ababengaphambilini kwabo futhi uMvelinqangi akazange enze okungenabulungiswa kubona kepha imiphefumulo yabo eyazona yona.

34. Ngakho-ke behlelwa ilobo bubi ababekwenza futhi kwaqiniseka kubona lokho ababenza inhlekisa ngakho.

## ***Isigaba sesihlanu (5)***

35. Futhi labo ababekhonza izithixo bathi, "ukube uMvelinqangi wayethanda sasingeke sikhonze lutho esikhundleni sakhe thina nabobaba bethu futhi sasingeke sinqabele lutho ngaphandle kwakhe, benza kanjalo labo ababengaphambilini kwabo, ngakube ukhona yini omunye umsebenzi ophezu kwezithunywa ngaphandle kokudlulisa umyalezo ocacile na?

36. Futhi ngempela sathumela kuzona zonke izizwe isithunywa ukuze (abantu) bakhonze uMvelinqangi baqhelelane nabonkulunkulu bamanga (izithixo) ngakho-ke phakathi kwabo kunalabo abaholwa nguMvelinqangi futhi phakathi kwabo kunalabo okugxilisiwe kubona ukuduka ngakho-ke hambani emhlabeni bese niyabona ukuthi sasinjani isiphetho sababephika.
37. Uma ufisa ukubahola ngakho-ke ngempela uMvelinqangi akabaholi labo abadukisile futhi angeke baze babenabo abasizi.
38. Futhi bafunga ngoMvelinqangi izifungo zabo ezinzima, uMvelinqangi angeke amvuse lowo ofayo yebo! Kuyisithembiso kuyena esiyiqiniso kepha iningi labantu alazi.
39. Ukuze abacacisele lokho abaphikisana kukona futhi ukuze bazi labo abangakholwanga ukuthi ngempela bona babengabaqambi bamanga.
40. Kuphela inkulumo yethu entweni uma siyiqondile sithi kuyona "yenzeka" bese iyenzeka.

***Isigaba sesithupha (6)***

41. Futhi labo ababefuduka ngenxa kaMvelinqangi emva kokuba becindezelwe ngempela sizobahlalisa lapho emhlabeni inhlalo enhle futhi nomvuzo wempilo ezayo mkhulu kakhulu ukube bebazi.
42. Labo ababekezela futhi babeka ithemba eNkosini yabo.
43. Futhi asizange sithumele muntu ngaphambilini kwakho ngaphandle kwamadoda esambulo kuwona (umyalezo wethu) ngakho-ke buzani abantu abaziyo uma ningazi.
44. (Sabathumela) nezimpawu ezicacile neZabur sabe sesembula kuwena isikhumbuzo (iQur'an) ukuze ucacisele abantu lokho okwembulwa kubona futhi ukuze babe nokucabanga.
45. Ngakho-ke ngakube bazizwa bephephile yini labo abenza amacebo amabi ukuthi uMvelinqangi angeke enze umhlaba

ukuthi ubagwinye noma ukuthi bafikelwe isijeziso lapho bengaboni khona na?

46. Noma ukuthi ababambe (abajezise) ekuyeni kwabo phambili nasemumva ngakho-ke bona angeke baphunyuke.
47. Noma ukuthi ababambe lapho besaba khona ngakho-ke ngempela iNkosi yenu inobubele inesihawu.
48. Ngakube abakuboni yini konke lokho akudala uMvelinqangi na? Izithunzi zako ziya ngasesandleni sokudla nangakwesobunxele zakhothamela uMvelinqangi kulapho zona zezithobileyo.
49. Futhi kukhothamela uMvelinqangi konke okusemazulwini nakho konke okusemhlabeni okuyizidalwa eziphilayo kanye nezingelosi futhi zona azizigabisi.
50. Ziyayesaba iNkosi yazo ngaphezu kwabo futhi zenza lokho ezikuphoqwayo ukuba zikwenze.

## *Isigaba sesikhombisa (7)*

51. Futhi uNkulunkulu wathi "ningabi noNkulunkulu ababili" kuphela yena unguNkulunkulu oyedwa, ngakho-ke yesabani mina kuphela.
52. Futhi kungokwakhe konke okusemazulwini nasemhlabeni futhi inkolo ingeyakhe, ngakube nesaba omunye kunoMvelinqangi na?
53. Futhi noma ngabe ububele buni eninabo ngakho-ke buvela kuMvelinqangi bese kuthi uma nithintwa ukuhlupheka bese nikhala kuyena.
54. Besekuthi uma esusa ukuhlupheka kunina kulapho ingxenye yeqembu lenu lenzela iNkosi yalo abahlanganyeli ekuyikhonzeni.
55. Ukuze bakuphike lokho esabanika kona ngakho-ke zithokoziseni niyokwazi (masinyane umphumela waloko).

56. Futhi babekela lokho abangakwazi ingxenye kulokho esabapha kona ngoMvelinqangi! Ngempela niyobuzwa ngalokho enikuqambayo.
57. Futhi babekela uMvelinqangi amadodakazi makadunyiswe (uphakeme unamandla) futhi okwabo ilokho abakufisayo.
58. Futhi uma oyedwa wabo etshelwa izindaba ezimnandi zokuthi (uzozala) owesifazane buyahwaqabala ubuso bakhe bubemnyama futhi agcwale intukuthelo.
59. Azifihle ebantwini ngenxa yokubi atshelwe ngako (ukuzala ingane eyisifazane) ngakube kufanele ayigcine njengechilo noma ayingcwabe emhlabathini ngokungangabazeki ububi ilobo abakwehlulelayo.
60. Kulabo abangakholelwa empilweni ezayo kuyisibonelo esibi futhi singesikaMvelinqangi isibonelo esiphakeme kakhulu futhi yena uphakeme ngamandla unobuhlakani.

***Isigaba sesishiyagalombili (8)***

61. Futhi ukube uMvelinqangi wayebabamba (abajezise) abantu ngenxa yokona kwabo wayengeke ashiye kuwona (umhlaba) ngisho noma sinye isidalwa kepha ubahlehlisa kuze kube isikhathi esinqunyiwe ngakho-ke uma sesifikile isikhathi sabo angeke bakwazi ukulibambezela ihora futhi angeke bakwazi ukuliqhubekisa.
62. Futhi benzela uMvelinqangi lokho abangakuthandi nezilimi zabo ziphikelela ekuqambeni amanga ukuthi okwabo okulungile ngokwedlulele ngokungangabazeki ukuthi okwabo ngumlilo, futhi ngempela bona bayoshiywa benganikiwe.
63. Ngifunga ngoMvelinqangi! Ngempela sazithumela (izithunywa) ezizweni ngaphambilini kwakho kepha usathane wabenzela ukuthi zibukeke zizinhle izenzo zabo ngakho-ke yena ungumvikeli wabo kulolusuku futhi okwabo isijeziso esibuhlungu.

64. Futhi asiyithumelanga kuwena incwadi ngaphandle kokuba ubacacisele lokho ababephikisana ngako, nokuhola nomusa kubantu abakholwayo.
65. Futhi uMvelinqangi wehlisa amanzi (wanethisa imvula) evela esibhakabhakeni ngakho-ke wavusa ngayo umhlaba emva kokufa kwawo, ngempela kulokho kunophawu kubantu abalalelayo.

***Isigaba sesishiyagalolunye (9)***

66. Futhi ngempela ezinkomeni, kunesifundo kunina siniphuzisa kulokho okuseziswini zazo okuphuma phakathi kobulongwe negazi ubisi olumsulwa oluhlwabusile kwabaliphuzayo.
67. Futhi nasezithelweni zamasundu nasemagilebhisini nifumana kuzona okudakisayo nesipho esihle, ngempela kulokho kunophawu (isifundo) kubantu abanomqondo.
68. Futhi iNkosi yakho yembula enyosini ukuthi ayakhe izindlu zayo ezintabeni nasezihlahleni nakulokho (abantu) abakwakhayo.
69. Bese udla kuzona zonke izithelo uhambe ezindleleni zeNkosi yakho ezenziwe zaba lula, eziswini zazo kuphuma iziphuzo ezinemibala ehlukehlukene okukhona kuzona (iziphuzo ezinemibala ehlukehlukene) ukwelashwa kwabantu ngempela kulokho kunophawu kubantu abacabangayo.
70. Futhi uMvelinqangi wanidala wayesenenza ukuba nife futhi phakathi kwenu kunalowo oyobuyiselwa emumva ekukhuleni ngokweqile (ekugugeni) ukuze angabi nolwazi emva kokuba esekwazile okuthize, ngempela uMvelinqangi unolwazi unamandla (okwenza zonke izinto).

***Isigaba seshumi (10)***

71. Futhi uMvelinqangi wakhetha abanye benu (waba nobubele kwabanye benu) kunabanye mayelana nezipho ngakho-ke labo ababekhethiwe ngaphezu kwabanye angeke izipho zabo bazinike labo abasezandleni zabo zangakwesokudla (izigqila) ukuze bona balingane kukona, ngakube baphika ububele bukaMvelinqangi na?
72. Futhi uMvelinqangi wanenzela nina uqobo lwenu amakhosikazi futhi wanipha amadodana nabazukulu emakhosikazini enu futhi wanipha ezintweni ezinhle, ngakube bakholelwa entweni eyize leze bese bona bephika ububele bukaMvelinqangi na?
73. Futhi esikhundleni sikaMvelinqangi bakhonza lokho okungeke kubaphathele lutho okuyisipho emazulwini nasemhlabeni futhi abanamandla.
74. Ngakho-ke musani ukwenzela uMvelinqangi izibonelo, ngempela uMvelinqangi uyazi kepha nina anazi.
75. UMvelinqangi wenza isibonelo ngesigqila esinomnikazi esingenamandla okwenza lutho kanye nalowo esamupha isipho esihle esivela kuthina ngakho-ke uyanikela ngengxenye ethize kusona esithe nasobala, ngakube bayalingana yini na? Udumo lungolukaMvelinqangi! Kepha iningi labo alazi.
76. Futhi uMvelinqangi wenza isibonelo samadoda amabili oyedwa kubona bobabili uyisimungulu akanamandla okwenza okuthize futhi yena ungumthwalo kumnikazi wakhe noma ngabe umthuma kuphi akabuyi nalutho oluhle, ngakube yena uyalingana yini kanye nalowo ophoqa ngobulungiswa futhi yena esendleleni eqondile na?

***Isigaba seshumi nanye (11)***

77. Futhi kungokukaMvelinqangi okungabonwayo okusemazulwini nasemhlabeni futhi udaba (lokufika) kwehora aliyilutho

ngaphandle kokuthi liyoba ngukuphazima kweso noma yena useduzane, ngempela uMvelinqangi unamandla ngaphezu kwazo zonke izinto.

78. Futhi uMvelinqangi wanikhipha eziswini zabomama benu naningazi lutho wanipha ukuzwa nokubona nezinhliziyo ukuze nibe nokubonga.
79. Ngakube abaziboni yini izinyoni ezindiza emkhathini wesibhakabhaka akekho ozithintayo ngaphandle kukaMvelinqangi, ngempela kulokho kunezimpawu kubantu abakholwayo.
80. Futhi nguMvelinqangi owaninika indawo yokuhlala ezindlini zenu futhi wanenzela ngezikhumba zezinkomo izindlu zalula (ukuzithwala) mhla nihamba nangamhla nihlala (lapho nifudukele khona) kanye nangovolo noboya bemvu nangoboya (bamakameli nezimbuzi) ukuze kuhlobiseke bahlale kahle okwesikhashana.
81. Futhi nguMvelinqangi owanenzela kulokho akudalile umthunzi futhi wanenzela izindawo zokuphephela ezintabeni futhi wanenzela nezembatho ezinihlenga ekushiseni kanye nezembatho zensimbi ukunihlenga ekwesabeni (empini) uwuphelelisa kanjalo umusa wakhe phezu kwenu ukuze mhlawumbe nizinikele ngaphansi kwentando yakhe.
82. Ngakho-ke uma befulathela, kuphela umthwala ophezu kwakho ukudlulisa umyalezo ocacile.
83. Bayawazi umusa kaMvelinqangi kepha bayawuphika futhi iningi labo alikholwa.

***Isigaba seshumi nambili (12)***

84. Futhi ngosuku mhla sivusa ufakazi kuzona zonke izizwe, ithuba angeke lize linikezwe labo abangazange bakholwa.
85. Futhi labo abayizoni uma besibona isijeziso, ngakho-ke angeke benziwele (isijeziso) lula futhi angeke banikwe ithuba.

86. Futhi labo ababekhonza izithixo uma sebezibona izithixo zabo bayothi, "Nkosi yethu lezi izithixo zethu esasizikhonza esikhundleni sakho ngakho-ke bayoyiphonsa kuzona inkulumo, ngempela nina ningabaqambi bamanga".
87. Futhi bayozinikela kuMvelinqangi ngalolosuku futhi kuyobalahlekela konke lokho ababekuqamba.
88. Laba abangazange bakholwe futhi bavimbela (abanye) endleleni kaMvelinqangi siyonezelela kubona isijeziso phezu kwesijeziso ngenxa yokuthi babeyizoni.
89. Futhi ngosuku lapho siyokhipha kuzona izizwe ufakazi (abaphrofethi) abayobhekana nabo bephuma phakathi kwabo bese siletha wena (Muhammad) ukuze ube ngufakazi kubona futhi sayembula kuwena incwadi (iQur'an) echaza zonke izinto neholayo nomusa nezindaba ezimnandi zabazinikeleyo ngaphansi kwentando kaMvelinqangi.

***Isigaba seshumi nantathu (13)***

90. Ngempela uMvelinqangi uphoqa ngobulungiswa nokwenza okuhle nokupha labo abaseduzane (izihlobo) futhi uyazenqabela izenzo ezimbi nokungahloniphi nengcindezelo, uyaniyala ukuze nikhumbule.
91. Futhi gcwalisani isivumelwano sikaMvelinqangi uma nenze isivumelwano futhi ningazephuli izifungo emva kokuziqinisekisa kulapho senenze uMvelinqangi waba isiphephelo kunina, ngempela uMvelinqangi uyakwazi konke lokho enikwenzayo.
92. Futhi ningabi njengalowo owesifazane owaqaqa intambo emva kokuba (eseyenzile) yaqina ngokuthatha izifungo zenu zibe (inkohliso) phakathi kwenu, uma esinye isizwe sidlondlobele kunesinye kuphela uMvelinqangi uyanivivinya ngako futhi uyonichazela ngosuku lokuvuka kwabafileyo konke lokho enaniphikisana ngakho.

93. Futhi ukube uMvelinqangi wayethanda wayezonenza isizwe esisodwa kepha udukisa lowo amthandayo futhi aholele endleleni eqondile lowo amthandayo futhi ngempela niyobuzwa ngalokho enanikwenza.
94. Futhi ningabokwenza izifungo zenu phakathi kwenu ukuthi zibe inkohliso kunjengokushelela konyawo emva kokuqiniseka kwalo futhi yizwani okubi ngenxa yokuthi nanivimbela abantu endleleni kaMvelinqangi futhi okwenu kuyoba isijeziso esikhulu (esinzima).
95. Futhi ningabothenga isivumelwano sikaMvelinqangi ngenani elincane (ngokungeyinzuzo yalutho) kuphela okukuMvelinqangi kungcono kunina ukuba nje benazi.
96. Konke lokho eninako kuyedlula kepha konke lokhu okukuMvelinqangi kuhlala kukhona njalo futhi ngempela siyobanika umvuzo labo ababekezelayo, umvuzo wabo ngenxa yobuhle ababekwenza.
97. Lowo owenza izenzo ezilungileyo ngisho noma ngabe owesilisa noma owesifazane ebe engakholwa ngakho-ke siyomenza ukuthi aphile impilo enhle futhi ngempela siyobanika umvuzo, umvuzo wabo ngenxa yobuhle ababekwenza.
98. Ngakho-ke uma ufunda iQur’an funa isiphephelo kuMvelinqangi ukuze uphephe kusathane owagxoshwa (embusweni kaMvelinqangi).
99. Ngempela yena (usathane) akanalo igunya phezu kwalabo abakholwayo futhi babeka ithemba eNkosini yabo.
100. Kuphela igunya lakhe liphezu kwalabo abangabangane bakhe kanye nakulabo abenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni (abakhonzi bezithixo).

***Isigaba seshumi nane (14)***

101. Futhi uma sishintsha ivesi endaweni yevesi manjalo uMvelinqangi owazi ngokwedlulele ngalokho akwembulayo

(akuthumela phansi) bathi “kuphela wena ungumqambi” (wamanga) kepha iningi labo alazi.

102. Ithi, “umoya ongcwele (uGabriyeli) oyilethile (iQur’an) evela eNkosini yakho ngeqiniso ukuze iqinise labo abakholwayo, nokubahola futhi ibe njengomlethi wezindaba ezimnandi kwabakholwayo”.

103. Futhi ngempela siyazi ukuthi bona bathi, “kuphela ufundiswa ngumuntu ulimi lwalowo abamthatha ngokuthi ungowakwelinye izwe kulapho lolu kungulimi lwesi-Arabhu olucacile”.

104. Ngempela labo abangakholelwa emavesini kaMvelinqangi angeke abaholele endleleni eqondile uMvelinqangi, futhi okwabo isijeziso esibuhlungu.

105. Kuphela baqamba amanga labo abangakholelwa emavesini kaMvelinqangi labo-ke yibona abangabaqambi bamanga.

106. Lowo ongakholwa kuMvelinqangi emva kokukholwa kwakhe ngaphandle kwalowo ophoqwayo kanti inhliziyo yakhe eyenelekisekile ngenkolo kepha lowo ovulele ukungakholwa isifuba (sakhe) ngakho-ke kuphezu kwabo ukuthukuthela okuvela kuMvelinqangi futhi okwabo isijeziso esikhulu (esinzima).

107. Lokho kungenxa yokuthi bona babethanda impilo yalomhlaba kunempilo ezayo nokuthi uMvelinqangi akabaholi abantu abangakholwayo.

108. Labo yibona uMvelinqangi asicilele izinhliziyo zabo nokuzwa kwabo namehlo abo futhi labo yibona kanye abanganaki.

109. Ngokungangabazeki ukuthi bona empilweni ezayo bayoba ngabalahlekelweyo.

110. Besekuthi ngempela iNkosi yakho kulabo ababefuduka beya kwenye indawo emva kokuhlushwa bese beyazabalaza futhi babekezela, ngempela iNkosi yakho emva kwalokho iyathethelela inesihawu.

## *Isigaba seshumi nesihlanu (15)*

111. Ngosuku lapho lowo nalowo mphefumulo uyoza uzincengela wona, futhi yonke imiphefumulo iyokhokhelwa ngokugcwele ngalokho ekwenzile futhi yona (imiphefumulo) angeke yenziwe okungenabulungiswa.
112. Futhi uMvelinqangi wenza isibonelo sedolobha elalilondekile lenelisekile (Makkah) kwafika kulona izipho zalo kuzona zonke izindawo kepha lawuphika umusa kaMvelinqangi ngakho-ke uMvelinqangi walizwisa (ubunzima idolobha) ngokulikhungatha ngendlala nokwesaba ngenxa yalokho ababekwenza.
113. Futhi ngempela safika kubona isithunywa esiphuma phakathi kwabo kepha basiphika ngakho-ke isijeziso sabathatha kulapho bona beyizoni.
114. Ngakho-ke yidlani kulokho uMvelinqangi anipha kukona okuvumelekile ukuthi kungadliwa nokuhle bese niyawubonga umusa kaMvelinqangi uma kunguyena kuphela enimkhonzayo.
115. Kuphela akuvumelekile kunina lokho okuzifeleyo negazi kanye nenyama yengulube nalokho okubizwe igama ekungesilona likaMvelinqangi (ngenkathi kubulawa) kepha uma omunye ephoqwa yisimo engaqondile ukungahloniphi nokuphula umthetho ngakho-ke ngempela uMvelinqangi uyathethelela unesihawu.
116. Futhi mayelana nalokho okushiwo izilimi zenu okungamanga ningabothi "lokhu kuvumelekile futhi lokhu akuvumelekile" ukuze niqambele uMvelinqangi amanga, ngempela labo abaqambela uMvelinqangi amanga angeke baphunyeleliswe.
117. Injabulo encane bese okwabo kube isijeziso esibuhlungu.
118. Futhi kulabo abangamaJuda sazenqabela lezo zinto esasizishilo kuwena ngaphambilini futhi asizange senze okungalungile kubona kepha imiphefumulo yabo eyenza okungalungile.

119. Besekuthi ngempela iNkosi yakho kulabo abenza okubi ngokungazi bese beyazisola (bacele intethelelo kuMvelinqangi) emva kwalokho bese bayazilungisa, ngempela iNkosi yakho emva kwalokho iyathethelela inesihawu.

*120.*

## ***Isigaba seshumi nesithupha (16)***

121. Ngempela u-Abrahamu wayengumholi emhlonipha uMvelinqangi, eqotho futhi wayengesiyena omunye wabakhonza izithixo.
122. Wayengobongayo mayelana nobubele (ayenzelwe bona nguMvelinqangi), (uMvelinqangi) wamkhetha futhi wamholela endleleni eqondile.
123. Futhi samnika okuhle lapha emhlabeni futhi ngempela yena empilweni ezaya uyokuba ngomunye wabalungileyo.
124. Sabe sesithumela kuwena isembulo (sathi) "landela inkolo ka-Abrahamu oqotho futhi wayengesiyena omunye wabakhonzi bezithixo".
125. Kuphela isabatha lalibekelwe labo ababephikisana ngalo futhi ngempela iNkosi yakho iyokwehlulela phakathi kwabo ngosuku lokuvuka kwabafileyo mayelana nalokho ababephikisana ngakho.
126. Memela endleleni yeNkosi yakho ngobuhlakani nangentshumayelo enhle futhi uphikisane nabo ngalokho okuhle (ngendlela enhle) ngempela iNkosi yakho yona yazi ngokwedlulele ngalowo odukile endleleni yayo futhi yona yazi kangcono ngabaholiweyo.
127. Uma nijezisa, ngakho-ke jezisani ngokulinganayo nalokho enanijeziswe ngakho, kepha uma nibekezela ngempela kungcono kwababekezelayo.

128. Futhi bekezela, ukubekezela kwakho angeke kube khona ngaphandle kukaMvelinqangi futhi ungaphatheki kabi ngabo futhi ungaphatheki kabi ngenxa yalokho abakucebayo.
129. Ngempela uMvelinqangi ukanye nalabo abenza okulungileyo kanye nalabo abangabenzi bokuhle.

INGXENYE 15

# (17)
# Al-Isra – (uHambo lwasebusuku)

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Udumo malube kulowo owathatha inceku yakhe (enguMuhammad) ngobusuku (eyisusa eMasjid Al-Haraam (Makkah), eyiyisa eMasjid Al'Aqsa) ekuyiyona esakubusisa okuseduze kwayo ukuze siyikhombise (inceku yakhe) izimpawu zethu ngempela yena (uMvelinqangi) ungozwayo obonayo.
2. Futhi samnikeza uMose incwadi futhi sayenza yaba ngumholi ebantwaneni bakwa-Israyeli ukuthi ningathathi omunye umlondolozi ngaphandle kwami (Mvelinqangi).
3. `Inzalo yalabo esabathwala (esabafaka emkhunjini) kanye noNowa ngempela yena wayeyinceku ebongayo.
4. Futhi samemezela kubantwana bakwa-Israyeli encwadini ukuthi ngempela nizokwenza ukona emhlabeni amahlandla amabili futhi ngempela nizoba nobudlova nokuzigabisa okukhulu.
5. Ngakho-ke kwathi lapho sekufika isithembiso sokuqala ezithembisweni ezimbili, sathumela kunina izinceku zethu ezinempi esabekayo ngakho-ke zangena ngaphakathi ezindlini kwase kugcwaliseka isethembiso.
6. Sabe sesinibuyisela ukunqoba phezu kwabo futhi sanilekelela ngengcebo nangezingane futhi sanenza naba ngabantu abaningi kakhulu.
7. Uma nenze okuhle nikwenzele imiphefumulo yenu okuhle futhi uma nenze okubi kuqondene nawo ngakho-ke kwathi lapho sekufika isithembiso sesibili (sathumela izitha zenu) ukuze zihlaze ubuso nokuthi ukuze zingene eMasjid njengoba

zangena kuyona okokuqala futhi ukuze babhubhise lokho abakunqobayo ngembubhiso (enkulu).

8. Kunokwenzeka ukuthi iNkosi yenu ibe nomusa kunina kepha uma niphindela emumva (ezonweni) sizophindela emumva (ekujeziseni) futhi sasenza isihogo ukuthi sibe ijele labangakholwa.

9. Ngempela leQur'an iholela kulokho, okufaneleke ngokwedlulele futhi ingumlethi wezindaba ezimnandi kwabakholwayo labo abenza izenzo ezilungileyo ukuthi okwabo ngumvuzo omkhulu.

10. Nokuthi labo abangakholelwa empilweni ezayo sabalungiselela isijeziso esibuhlungu.

***Isigaba sesibili (2)***

11. Futhi umuntu uthandazela okubi (uma ephatheke kabi) njengoba ethandazela okuhle futhi umuntu ngasosonke isikhathi ujahile.

12. Futhi senza ubusuku nemini kwaba izimpawu ezimbili ngakho-ke siyalususa uphawu lobusuku bese sibeka uphawu kwemini lubonakale ukuze nifune umusa ovela eNkosini yenu nokuthi nisazi isibalo seminyaka nokubala (isikhathi) futhi zonke izinto sizichaze ngobunjalo bazo.

13. Futhi kuwona wonke umuntu salengisa izenzo zakhe emqaleni wakhe futhi siyomvezela zona, ngosuku lokuvuka kwabafileyo siyomkhombisa incwadi ayoyifumanisa ivulekile.

14. (Kuyothiwa kuyena), "funda incwadi yakho umphefumulo wakho wanele kulolusuku ukuba ukwahlulele".

15. Noma ngabe ubani oholekile ngakho-ke kuphela umphefumulo wakhe omholile futhi noma ngabe ubani odukile ngakho-ke kuphela udukele wona, futhi angeke umthwali ayothwala umthwali womunye futhi asiyibona abajezisi kuze kube sithumela isithunywa (kubantu njengomxwayisi).

16. Futhi uma sifuna ukubhubhisa idolobha sithumela umyalezo (isimemezelo) kulabo abaphila kulona impilo enhle ephezulu bese bephula umthetho kulona (idolobha) bese liyagcwaliseka izwi kubona ngakho-ke siyababhubhisa ngembubhiso enkulu.
17. Futhi zingaki izizukulwane esazibhubhisa emva kukaNowa na? Futhi iNkosi yakho yanele njengesazi nomboni wezono zezinceku zayo.
18. Noma ngabe ubani lowo ofisa impilo eyedlulayo (yalomhlaba) siyamsheshisela kuyona lakho esikuthandayo kulowo esimthandayo sabe sesimbekela isihogo ayosha kusona ethotshisiwe (ehlanziwe) elahliweyo.
19. Futhi noma ngabe ubani ofisa impilo ezayo bese ekhombisa ukuzimisela ngayo ngendlela efanele kulapho yena engakholwayo ngakho-ke labo ukuzimisela kwabo kuyabongeka.
20. Ngamunye kulaba kanjalo nakulaba sibapha okuvela eNkosini yakho futhi ukuphana kweNkosi yakho angeke kunqatshelwe.
21. Bheka ukuthi sibakhethe kanjani abanye ngaphezu kwabanye futhi ngempela impilo ezayo iphakeme ngokwedlulele ngamazinga futhi ikhetheke ngokwedlulele.
22. Ungahlanganisi uMvelinqangi kanye nomunye unkulunkulu (wamanga) ngokuba uyohlala phansi ujezisiwe ulahliwe (esihogweni).

***Isigaba sesithathu (3)***

23. Futhi iNkosi yakho yamemezela ukuthi ningakhonzi lutho ngaphandle kwayo kuphela nokuthi nenze, okuhle kubazali, noma ngabe oyedwa wabo noma bobabili uma beficwa ubudala bekanye nawe ngakho-ke ungabothi nxa kubona (noma usho igama elibi) noma uphakamise izwi kubona kepha khuluma nabo ngendlela enhle.

24. Futhi wehlisele kubona amaphiko okuzithoba aphuma emseni futhi uthi "Nkosi yami yiba nomusa kubona bobabili njengoba bangikhulisa ngisemncane".
25. INkosi yenu yazi kabanzi ngalokho okusemiphefumulweni yenu, uma niba ngabalungileyo ngakho-ke ngempela yona iyathethelela kulabo abaphendukela (kuyona) ngokuzisola.
26. Futhi nikeza isihlobo okusifanele noswele kanyenesihambi futhi ungachithi (ingcebo) ngokuyimosha.
27. Ngempela abamoshayo bangabafowabo bakasathane futhi usathane uhlala njalo engabongi eNkosini yakhe.
28. Futhi uma uqhelelana nabo ufuna umusa ovela eNkosini yakho owuwuthembile ngakho-ke khuluma nabo inkulumo emnene.
29. Futhi ungenzi ukuthi isandla sakho siboshwe emqaleni wakho futhi ungaseluli ngokwedlulele (ungaphani ngaphezu konako) hleze uhlale phansi usolekile futhi umpofu ngokweqile.
30. Ngempela iNkosi yakho iyasandisa isipho kulowo eyimthandayo futhi iyisigodla (kulowo eyimthandayo) ngempela yona iyazi iyabona mayelana nezinceku zayo.

### ***Isigaba sesine (4)***

31. Futhi ningazibulali izingane zenu ngenxa yokwesaba ubuphofu thina siyobenzela izindlela zokuphila kanye nani ngempela ukuzibulala (izingane) kuyohleze njalo kuyisono esikhulu.
32. Futhi ningasondelani nokulalana ngokungemthetho (ngaphandle komshado) ngempela kona kuyohlala njalo kuyisono futhi kuyindlela embi.
33. Futhi ningawubulali umphefumulo uMvelinqangi akwenze kwangabi semthethweni ukuba ubulawe ngaphandle kweqiniso futhi noma ngabe ubani owabulawa ngokungesibona ubulungiswa ngempela siyinikezile indlalifa yakhe igunya

ngakho-ke makangayeqi imingcele mayelana nokubulala ngempela yena uyosizwa (ngumthetho).

34. Futhi ungasondelani nengcebo yentandane ngaphandle kokuba uma kungendlela enhle kuze kube ilapho ifika khona ebudaleni futhi gcwalisani isivumelwano ngempela isivumelwano kuyobuzwa ngaso.

35. Futhi nikezani isilinganiso esigcwele uma nenza isilinganiso futhi kalani isisindo ngobulungiswa obuphelele, lokho kuyoba kuhle futhi kube ngcono ekugcineni.

36. Futhi ungakulandeli lokho ongenalo ulwazi ngako ngempela ukuzwa nokubona kanye nenhliziyo konke lokhu bayobuzwa ngakho.

37. Futhi ungahambi emhlabeni ngokuziphakamisa ngempela wena awusoze wawuqhekeza umhlaba futhi awusoze wedlule izintaba ngokuphakama.

38. Konke lokhu (osekubaliwe ngenhla) ububi bako emehlweni eNkosi yakho abuthandeki.

39. Lokhu kuyingxenye yalokho iNkosi yakho eyakwembula kuwena (Mphrofethi Muhammad) okungubuhlakani futhi ungahlanganisi uMvelinqangi nomunye hleze uphonswe esihogweni usolekile ulahliwe.

40. Ngakube iNkosi yenu inikhethele ukuba nibe namadodana yase izithathela izingelosini amadodakazi na? Ngempela nina nikhuluma inkulumo enzima (engavumelekile).

***Isigaba sesihlanu (5)***

41. Futhi ngempela siziphindaphindile (izexwayiso) kuleQur'anukuze bakhumbuziseke futhi ayibanezeleli ngalutho ngaphandle kokwenqena.

42. Ithi, "Ukube wayekanye nabanye onkulunkulu njengoba benza ngempela babezoyifuna indlela eya kumnikazi wesihlalo esiphakeme".

43. Udumo malube kuye! Futhi uphakeme ngaphezu kwalokho abakushoyo uphakeme kakhulu.
44. Amazulu ayisikhombisa nomhlaba ayamdumisa kanye nanoma ngabe ubani, okuwona (amazulu ayisikhombisa nomhlaba uyamdumisa) futhi noma ngabe yintoni iyamdumisa ngodumo lwakhe kepha anikuqondi ukudumisa kwabo ngempela yena (uMvelinqangi) uyabekezela uyathethelela ngasosonke isikhathi.
45. Futhi uma ufunda iQur'an sibeka isembozo esihlukanisayo phakathi kwakho kanye nalabo abangakholwa.
46. Futhi sabeka izembozo ezinhliziyweni zabo, hleze bayiqonde futhi senza nezindlebe zabo ukuthi zingezwa futhi uma ukhumbule iNkosi yakho kwi-Qur'an (iNkosi) eyodwa vo bafulathelisa imihlane yabo bengathandi.
47. Thina siyakwazi ngokwedlulele lokho abakulalelayo uma bekulalela futhi uma benezingxoxo zangasese kulapho izoni zithi, "anilandeli muntu ngaphandle kwendoda elunjiwe".
48. Bheka ukuthi bakwenzela kanjani izibonelo kepha baduka ngakho-ke abazange bakwazi ukuthola indlela.
49. Futhi bathi, "uma singamathambo siyizinhlayiya ezibuthuziwe ngakube ngempela siyovuswa sibe yizidalwa ezintsha na?"
50. Ithi, "yibani ngamatshe noma nibe yinsimbi".
51. Noma okunye kwezinye izinto ezidaliwe ezinkulu (ezibukhuni) ezifubeni zenu ngakho-ke bayothi, "ngubani oyosibuyisela emumva ekuphileni na? Ithi "yilowo owanidalayo ngesikhathi sokuqala" ngakho-ke bayonqankuzisela amakhanda abo kuwena bese bethi, "kuyokwenzeka nini lokho" ithi "Mhlawumbe kuseduzane".
52. Ngosuku lapho eyobe enimemeza bese niphendula ngendumiso yakhe futhi niyocabanga ukuthi anihlalanga ngaphandle kwesikhashana.

***Isigaba sesithupha (6)***

53. Futhi zitshele izinceku zami ukuthi zisho lokho okuhle ngokwedlulele ngempela usathane utshala ukungezwani phakathi kwabo, ngempela usathane uhlala njalo eyisitha somuntu esigqamile.
54. INkosi yenu yazi kabanzi ngani, uma ithanda izoba nomusa ngani noma uma ithanda inijezise futhi asizange sikuthumele kubona njengomqapheli (wabo).
55. Futhi iNkosi yakho yazi kabanzi nganoma ngabe ubani osemazulwini nasemhlabeni futhi ngempela futhi ngempela sakhetha abanye abaphrofethi ngaphezu kwabanye futhi samnikeza uDavide iZabur.
56. Ithi, “bizani labo enibacabangayo (enibathandayo) esikhundleni sakhe, kepha abanawo amandla okususa ubunzima kunina noma ukubuguqulela (kwesinye isimo)”.
57. Labo ababamemezayo bafuna izindlela zokufinyelela eNkosini yabo ukuthi ngubani kubona okufanele abeseduzane kakhulu, futhi bathembele emseni wayo futhi bayasesaba isijeziso sayo, ngempela isijeziso seNkosi yakho sifanelwe ukuqashelwa ngaso sonke isikhathi.
58. Futhi alikho idolobha esingeke silibhubhise ngaphambi kosuku lokuvuka kwabafileyo noma silijezise ngesijeziso esinzima ngasosonke isikhathi lokhu kulotshiwe encwadini.
59. Futhi akukho okwanqabela ukuthi sithumele izimpawu ngaphandle kokuthi baziphika abantu basendulo futhi sanikeza uThamud ikameli lensikazi njengophawu olugqamile ngakhoke benza okungalungile ngalo futhi asizange sizithumele izimpawu ngaphandle kokuxwayisa.
60. Futhi ngenkathi sithi kuwena, “ngempela iNkosi yakho ibazungelezile abantu futhi asizange siwenze umbono esakubonisa wona ngaphandle kokuba ube isivivinyo kubantu nesihlahla esiqalekisiweyo kwi-Qur’an, futhi siyabaxwayisa

ukuthi ayikho into eyonezelela kubona ngaphandle kokuduka okukhulu".

## ***Isigaba sesikhombisa (7)***

61. Futhi khumbula ngesikhathi sithi ezingelosini "khothamelani u-Adam" ngakho-ke zakhothama ngaphandle kuka-Iblis wathi, "ngakube ngingakhothamela lowo owamdala ngobumba na?"
62. Wathi "ngakube uyambona yini lona imphakamise ngaphezu kwami na?" Uma ungase ungihlehlisele ukuthi kuze kube usuku lokuvuka kwabafileyo ngempela mina ngiyoyibamba ngiyidukise inzalo yakhe ngaphandle kwedlanzana.
63. Wathi (uMvelinqangi) "hamba! Ngakho-ke noma ngabe ubani okulandelayo phakathi kwabo ngempela isihogo kuyoba umvuzo wenu ophelele".
64. Futhi ubadukise labo ongakwazi ukubadukisa phakathi kwabo ngezwi lakho futhi bashaye ngamasosha agibele nahamba ngezinyawo futhi uhlukaniselane nabo engcebweni nasezinganeni ubathembise futhi usathane akabathembisi lutho ngaphandle kwenkohliso.
65. Ngempela awunagunya phezu kwezinceku zami futhi yanele iNkosi yakho njengomlondolozi.
66. INkosi yenu iyona enihambisela imikhumbi olwandle ukuze nifune ububele bayo, ngempela yona inomusa kunina ngasosonke isikhathi.
67. Futhi uma nithintwa ubunzima olwandle bayanyamalala labo enibamemezayo ngaphandle kwakhe, ngakho-ke kwathi lapho enisindisa (ebunzimeni olwandle) wanikhiphela emhlabeni nabe seniyafulathela futhi ngasosonke isikhathi umuntu akabongi
68. Ngakube nizizwa niphephile yini ukuthi angeke enze ukuthi inigwinye ingxenye yomhlaba noma athumele kunina

isivunguvungu somoya ohamba nesihlabathi na? Bese ningabe nisazitholela umlondolozi.

69. Noma nizinzwa niphephile yini ukuthi angeke aniphindisele kulona (ulwandle) ngesinye isikhathi na? Bese ethumela kunina umoya oyisiphepho, animinzise ngenxa yokungakholwa kwenu bese ningabe nisazitholela ozophindisela ngako abhekane nathi.

70. Futhi ngempela sabahlonipha abantwana ba-Adam futhi sabathwala emhlabeni kanye nasolwandle futhi sabapha ezintweni ezinhle futhi sabakhetha ngaphezu kwabaningi kulabo esabadala.

***Isigaba sesishiyagalombili (8)***

71. Khumbula ngosuku lapho siyobiza bonke abantu kanye nomholi wabo ngakho-ke noma ngabe ubani onikwa incwadi esandleni sokudla bona-ke bayofunda incwadi yabo futhi angeke benzelwe okungesibona ubulungiswa ngisho nakancane.

72. Futhi noma ngabe ubani oyimpumputhe kulomhlaba ngakho-ke yena uyoba yimpumputhe empilweni ezayo futhi uduke ngokusobala.

73. Futhi ngempela bacishe bakulinga ngalokhu esakwembula kuwena ukuze uqambe okuphambene nathi okungesikona lokho futhi babezokuthatha njengomngane.

74. Futhi ukuba asizange sikusimamise (sikuphe amandla) ngempela wawuzothambekela kubona ngokuthize okuncane.

75. Lapho-ke sasizokuzwisa (isijeziso) esiphindiwe kabili empilweni kanye nesiphindwe kabili emva kokufa bese ungazitholeli umsizi wokubhekana nathi.

76. Futhi ngempela bacishe bakusabisa emhlabeni ukuze bakugxoshe kuwona, kepha babengeke bahlale emva kwakho ngaphandle kwesikhashana.

77. (Lena) yindlela yalabo esasibathuma ngaphambilini kwakho abayizithunywa zethu futhi angeke uyithole inguquko endleleni yethu.

***Isigaba sesishiyagalolunye (9)***

78. Yenza umthandazo phakathi nemini kuze kube ubumnyama bobusuku (nokufundwa) kweQur'an (Salatul Fajr) ngokuntwela kokusa, ngempela (ukufundwa) kweQur'an ngokuntwela kokusa kuhlala njalo kufakazelwa izingelosi.
79. Futhi nangezingxenye zobusuku yenza umthandazo kanye nabo njengomthandazo onezeleliwe (uzenzele) wena ukuze iNkosi yakho iyokuvusa kwabafileyo endaweni yokudumisa.
80. Futhi ithi, "Nkosi yami ngingenise ekungeneni okuyiqiniso futhi ungikhiphe ekuphumeni okuyiqiniso futhi ungiphe igunya eliwusizo elivela kuwena".
81. Futhi ithi, "iqiniso lafika kwashabalala amanga ngempela amanga ayohlala njalo eshabalala".
82. Futhi sithumela phansi okwe-Qur'an lokho okwelaphayo kanye nomusa kwabakholwayo futhi ayinezeli lutho kubenzi bokubi ngaphandle kokulahlekelwa.
83. Futhi uma sehlisela umusa phezu komuntu uyafulathela futhi aqhelelane nawo futhi uma ethintwa okubi ngasosonke isikhathi uphelelwa ngamandla.
84. Ithi, "Lowo nalowo muntu usebenza ngendlela yakhe ngakhoke iNkosi yenu yazi kabanzi ngalowo oholwe endleleni (eqondile) ngokwedlulele".

***Isigaba seshumi (10)***

85. Futhi bayakubuza ngomphefumulo ithi "umphefumulo ungokwempoqo yeNkosi yami futhi anizange ninikezwe lutho ngaphandle kokuncane".

86. Futhi uma sithanda ngempela singakuthatha lokho esakwembula kuwena bese ungabe usazitholela umvikeli obhekene nathi mayelana nako.
87. Ngaphandle komusa ovela eNkosini yakho ngempela umusa wayo kuwena ngasosonke isikhathi mkhulu.
88. Ithi, "uma abantu namaJinn bengahlangana ndawonye ukuze beze nokufana naleQur'an angeke bakwazi ukuza nefana nayo ngisho noma ngabe abanye babo bangabasizi babanye"
89. Futhi ngempela sibachazelile ngokugcwele abantu kuleQur'an ngazo zonke izibonela kepha iningi labantu lenqaba (zonke izinto) ngaphandle kokungakholwa.
90. Futhi bathi, "asisoze sakukholwa kuze kube ilapho usiqhumisela khona umthombo wamanzi emhlabathini".
91. Noma ungaba nesivande sezihlahla zamasundu kanye namagilebhisi bese wenza ukuthi kugeleze imifula phakathi kwazo (izivande).
92. Noma ungenza ukuthi kuwele kuthina isibhakabhaka sibe yizingcezu njengoba wawusho (ufisa) noma ulethe uMvelinqangi kanye nezingelosi zibhekane nathi amehlo namehlo.
93. Noma ungaba nendlu eyenziwe ngegolide noma ngabe wenyukela esibhakabhakeni asisoze sikholelwe ekwenyukeni kwakho kuze kube wembula kuthina incwadi esizoyifunda ithi, "udumo malube seNkosini yami ngakube ngingokuthize yini ngaphandle kokuba ngibe ngumuntu oyisithunywa na?".

***Isigaba seshumi nanye (11)***

94. Futhi ayikho into evimbela abantu ukuthi bakholwe uma sebefikelwe ukuholeka ngaphandle kokuthi bathi "ngakube uMvelinqangi uthumele umuntu ukuthi abe yisithunywa na?"

95. Ithi, "ukube emhlabeni bekukhona izingelosi zizihambela ngokuthula ngempela besizothumela kubona ingelosi njengesithunywa esivela ezulwini".
96. Ithi, "uMvelinqangi wanele njengofakazi phakathi kwami nani ngempela yena ngasosonke isikhathi uyazi ngezinceku zakhe uyazibona".
97. Futhi noma ngabe ubani uMvelinqangi amholayo ngakho-ke yena ungoholiweyo futhi noma ngabe ubani amdukisayo ngakho-ke awusoze wabatholela abavikeli ngaphandle kwakhe futhi siyobaqoqela ndawonye ngosuku lokuvuka kwabafileyo behamba ngobuso babo-beyizimpumputhe, beyizimungulu futhi beyizithuli indawo yabo yokuhlala kuyoba isihogo ngasosonke isikhathi uma uncipha (umlilo) siyokunezelela kubona ukusha.
98. Lokhu kuyinhlawulo yabo ngenxa yokuthi bona babephika amavesi ethu futhi babethi, "uma singamathambo singeyilutho ngakube ngempela thina siyovuswa sibe izidalwa ezintsha na?"
99. Ngakube ababoni yini ukuthi nguMvelinqangi owadala amazulu nomhlaba uyakwazi ukuthi adale okufana nabo na? Futhi wababekela isikhathi ekungenakungatshazwa ngaso ngakho-ke izoni zaziphika (yonke into) ngaphandle kokungakholwa.
100. Ithi "ukube nina beningabalondolozi bomusa weNkosi yami ngempela benizowagodla ngenxa yokwesaba ukuphana futhi ngasosonke isikhathi umuntu uhlala njalo encishana".
101. Futhi ngempela samnikeza uMose izimpawu eziyisishiyagalolunye ezicacile ngakho-ke buza abantwana bakwa-Israyeli ngenkathi efika kubona, wayesethi u-Faro kuyena "ngempela mina ngicabanga ukuthi wena Mose ulunjiwe".
102. Wathi, "ngempela wazile ukuthi akukhomuntu owehlisela phansi izimpawu ngaphandle kweNkosi yamazulu nomhlaba

futhi ngempela mina ngicabanga ukuthi wena Oh Faro! Ungobhujisiwe".

103. Ngakho-ke (uFaro) wayefisa ukubagxosha ezweni sabe sesiyamuminzisa kanye nalabo ayekanye nabo bonke.

104. Futhi sathi emva kwakhe (uFaro) kubantwana bakwa-Israyeli "hlalani emhlabeni ngakho-ke uma sifika isethembiso sempilo ezayo siyoniqoqela ndawonye nibe niyiqembu".

105. Futhi ngeqiniso sayithumela phansi (iQur'an) futhi yathumeleka ngeqiniso futhi asizange sikuthumelele lutho ngaphandle kokuba ngumlethi wezindaba ezimnandi nomxwayisi.

106. Futhi iQur'an siyehlukanisile ukuze uyifundele abantu izikhawu futhi sayembula (iQur'an) izigaba ngizigaba.

107. Ithi, "kholelwani kuyona noma ningakholwa ngempela labo ababenikezwe ulwazi ngaphambilini kwayo uma befundelwa yona, bawa phansi ngobuso baguqe bezithobileyo".

108. Futhi bathi, "udumo malube seNkosini! Uma ngempela isethembiso seNkosi yethu sizogcwaliseka."

109. Futhi bawa phansi ngobuso bekhala futhi kwenyusela ukuzithoba kwabo.

110. Ithi, "bizani uMvelinqangi noma nibize onomusa noma ngabe yiliphi igama enimbiza ngalo ngakho-ke angawakhe amagama amahle futhi ungawenzi umthandazo wakho ngezwi eliphezulu noma eliphansi futhi thola indlela phakathi kwalokho".

111. Futhi ithi, "udumo lungoluka-Mvelinqangi futhi ongenamhlanganyeli embusweni futhi ongenaye umvikeli ngenxa yobuthakathaka futhi mdumise ngendumiso".

# (18)
# Al-Kahf – uMgede

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Udumo ungoluka-Mvelinqangi okunguyena owembula incwadi encekwini yakhe futhi wangakwenzi ubuzombezombe kuyo (iQur'an).
2. Eqondile, ukuze axwayise ngesijeziso esinzima esivela kuyena futhi alethe izindaba emzinandi kwabakholwayo, labo abenza izenzo ezilungileyo ukuthi okwabo ngumvuzo omuhle.
3. Bayohlala khona ingunaphakade.
4. Nokuxwayisi labo abathi "uMvelinqangi unendodana".
5. Abanolwazi ngalokho ngisho nabobaba babo (abanolwazi) likhulu igama eliphuma emilonyeni yabo, abasho lutho ngaphandle kokuqamba amanga.
6. Ngakho-ke uzozibulala ngenxa yokuphatheka kabi mayelana nezinyathelo zabo uma bengakholelwa kulenkulumo na?.
7. Ngempela thina sakwenza lokho okusemhlabeni kwaba ngumhlobiso wawo ukuze sibavivinye ukuthi ngobani babo abanemisebenzi emihle ngokweqile.
8. Ngempela thina siyokwenza ukuthi konke lokho okukuwona (umhlaba) kungatheli lutho, kube ngumhlaba owugwadule.
9. Noma ucabanga ukuthi izihlali zasemgedeni nombhalo kwakungezinye zezimpawu zethu ezimangalisayo.
10. Khumbula ngenkathi intsha ifuna ukuya kohlala emgedeni ngakho-ke yase ithi, "Nkosi yethu siphe umusa ovela kuwena futhi usenzele udaba lwethu lube ngoluqondileyo".
11. Ngakho-ke sazivala izindlebe zabo emgedeni iminyaka eminingi.

12. Sabe sesiyabavusa ukuze sibe inolwazi ukuthi ngeliphi phakathi kwawo womabili amaqembu elalikwazi kongcono ukubala isikhathi ababesihlalile.

***Isigaba sesibili (2)***

13. Thina sikuxoxela indaba yabo ngeqiniso, ngempela bona babeyintsha eyayikholelwa eNkosi yayo futhi sabanezelela ekuholweni.
14. Futhi saziqinisa zasimama izinhliziyo zayo ngenkathi isukuma (intsha) ithi, "iNkosi yethu Nkosi yamazulu nomhlaba asisoze simemeze omunye uNkulunkulu ngaphandle kwakhe (uma senze kanjalo) ngempela siyobe sisho inkulumo yokungahloniphi".
15. Labantu bethu bazithathele abanye onkulunkulu esikhundleni sakhe, kwenziwa yini ukuthi (oNkulunkulu) bangabaletheli kunalowo oqambela uMvelinqangi amanga na?
16. Futhi khumbula ngenkathi niqhelelana nabo kanye nakulokho abakukhonzayo esikhundleni sikaMvelinqangi ngakho-ke funani isiphephelo emgedeni, iyonidlalela iNkosi yenu emseni wayobese inenzela lube lula udaba lwenu ngendlela efanele.
17. Futhi wawulibona ilanga ngenkathi liphuma lithambekela ngasemgedeni wabo ngakwesokudla nangenkathi lishona libashiya ngakwesobunxele kulapho yona (intsha) isendaweni enkulu kuwona (umgede), lokhu kungukunye kwezimpawu zikaMvelinqangi noma ngabe ubani oholwa nguMvelinqangi ungoholelwe endleleni eqondile futhi noma ngabe ubani amholela ekudukeni ngakho-ke awusoze wamtholela umvikeli oyomhola.

***Isigaba sesithathu (3)***

18. Futhi ucabanga ukuthi babevukile (babephapheme) kulapho bona babelele futhi sabaguqulela ngakwesokudla nangakwesobunxele kanye nenja yabo ilule imilenze yayo yangaphambili ngasemnyango (womgede) ukube wawubonile wawuyobafulathela ngejubane futhi ngempela wawuyogcwala ukubesaba.
19. Futhi sabavusa kanjalo ukuze babuzane ngamunye, isikhulumi phakathi kwabo (sabuza) sathi "nihlale isikhathi esingakanani"? Bathi "sihlale usuku noma ingxenye yosuku" bathi "iNkosi yenu yazi kabanzi ukuthi nihlale isikhathi esingakanani" ngakho-ke thumelani oyedwa wenu edolobheni (emphakathini) naloluhlamvu lwesiliva bese eyabheka ukuthi yikuphi ukudla okumsulwa ngokwedlulele bese enilethela ingxenye yako futhi aqaphele futhi angalazisi ngisho noyedwa umuntu udaba lwenu.
20. Ngempela bona uma bengase bazi ngani bazonikhanda ngamatshe noma baniphindisele emumva enkolweni yabo bese ningabe nisaphumelela.
21. Futhi sakwenza kanjalo ukuba kwaziwe ngabo ukuze bazi ukuthi isethembiso sikaMvelinqangi siyiqiniso nokuthi ihora akunakungatshazwa ngalo, ngenkathi bephikisana bodwa ngodaba lwabo ngakho-ke bathi "yakhani isakhiwo ngaphezu kwabo, iNkosi yabo yazi kabanzi ngabo" labo abanqoba kulodaba lwabo bathi, "ngempela sizokwakha indlu yokukhonzela phezu kwabo."
22. Bayothi babebathathu owenise wabo kwakuyinja yabo futhi (abanye) bayothi bebeyisihlanu owesithupha wabo kwakwiyinja yabo–kungukuqagela ngokungabonwayo futhi (abanye) bathi babeyisikhombisa owesishiyagalombili wabo kwakuyinja yabo ithi iNkosi yami yazi kabanzi ngesibalo sabo akekho obaziyo ngaphandle kwabambalwa ngakho-ke

ungabi nempikiswano ngabo ngaphandle kwempikiswano enobufakazi obucacile futhi ungabuzi ngisho noyedwa wabo ngabo.

***Isigaba sesine (4)***

23. Futhi ungabosho entweni ukuthi "ngempela mina ngizokwenza lokho kusasa".
24. Ngaphandle uma uMvelinqangi ethanda futhi khumbula iNkosi yakho uma ukhohlwa bese uthi, "Ngifisa iNkosi yami ingiholele iNkosi yami izongiholela kokusondele kunalokhu ngokulunga".
25. Futhi bahlala emgedeni wabo iminyaka engamakhulu amathathu nayisishiyagalolunye enezelelekile.
26. Ithi nguMvelinqangi owazi kabanzi ukuthi bahlala (emgedeni) isikhathi esingakanani, kungokwakhe okungabonwayo kwamazulu nomhlaba ukubona abona ngako (kugqamile) kanye nokuzwa, abanamvikeli ngaphandle kwakhe futhi akahlanganyeli namuntu ekwahluleleni kwakhe.
27. Futhi funda lokho okwembulwe kuwena okusencwadini yeNkosi yakho, akekho ongawaguqula amazwi ayo futhi awusoze wamthola ongaba isiphephelo ngaphandle kwakhe.
28. Futhi zigcine ubekezela kanye nalabo ababiza iNkosi yabo ekuseni nakusihlwa befuna ubuso bayo futhi ungavumeli amehlo akho ukuthi abuke ngale kwabo ufisa ubuhle bempilo yalomhlaba futhi ungamhloniphi lowo esenze inhliziyo yakhe yangakunaki ukukhunjulwa kwethu, futhi lowo olandela izifiso zakhe ngasosonke isikhathi udaba lwakhe luyalahleka.
29. Futhi ithi "iqiniso livela eNkosini yenu ngakho-ke noma ngabe ubani okuthandayo (ukukholwa) makakholwe futhi noma ngabe ubani othanda ukungakholwa makangakholwa ngempela thina sabalungiselela abayizoni umlilo ozindonga zawo ziyobazungeleza futhi uma befuna ukusizwa bayosizwa

ngamanzi abilayo abashise ubuso (babo) sibi lesosiphuzo futhi yimbi leyo ndawo yokuphumula".

30. Ngempela labo abakholwayo futhi abenza izenzo ezilungileyo ngempela thina asiwulahli umvuzo walowo owenza msebenzi omuhle ngokwedlulele.

31. Labo okwabo kuyoba izivande zaphakade okugeleza ngaphansi kwazo imifula lapho (ezivandeni) bayohlotshiswa ngemigexo eyakhiwe ngegolide futhi bayogqoka izingubo zikasilika eziluhlaza ezicolekile ezilula neziwugqinsi, bayobala lapho ezihlalweni eziphakeme (lowo) ngomvuzo wekhethelo nendawo enhle yokuphumula.

***Isigaba sesihlanu (5)***

32. Futhi benzele isibonelo samadoda amabili eyodwa yawo sayenzela izivande ezimbili zamagilebhisi sabe sesiyazibiyela ngamasundu futhi senza ukuthi phakathi kwazo zombili kube nendawo yezitshalo.

33. Zombili lezizivande zathela izithelo zazo zangehluleki ngalutho kulokho futhi senza ukuthi kuqhume umfula phakathi kwazo zombili.

34. Futhi wayenesithelo wayesethi kumngane wakhe ngenkathi enengxoxo naye, "Mina nginengcebo eningi kunawe futhi nginamandla ngokwedlulele kunabanye abantu yimina ohlonipheke kakhulu kunawe".

35. Futhi wayesengena esivandeni sakhe kulapho yena engakwenzanga ubulungiswa emphefumulweni wakhe wathi, "angicabangi ukuthi lokho kuyobhubha nanini?"

36. Futhi angicabangi ukuthi iHora liyofika futhi uma ngiyobuyiselwa eNkosini yami ngempela ngiyokuthola okungcono kunalokhu njengembuyiselo.

37. Umngane wakhe wathi kuye, kulapho enengxoxo naye "ngakube awukholwa yini kulowo owakudala ngothuli

wayesekudala ngeconsi lesidoda (wakudala ngokuhlangana kowesilisa nowesifazane) wayesekwenza waba ngumuntu ophelele na?"

38. Kepha yena unguMvelinqangi iNkosi yami futhi angiyenzeli muntu iNkosi yami ukuthi abe ngumhlanganyeli ekuyikhonzeni.

39. Futhi awushongo ngani ngenkathi ungena esivandeni sakho ukuthi lokho uMvelinqangi akuthandile (kuyenzeka) akekho onamandla ngaphandle kwakuMvelinqangi, uma wena ungibona, mina ngingaphansi kwakho ngengcebo nangezingane.

40. Ngakho-ke futhi iNkosi yami izongipha okungcono kunesivande sakho futhi ithumele phezu kwaso isijeziso esivela esibhakabhakeni ngakho-ke bese sibangumhlabathi oshelelayo.

41. Noma amanzi aso azike phansi (emhlabathini) ungabe usakwazi ukuwuthola.

42. Futhi izithelo zakhe zizungezwe (ukubhubha) bese ebangoshaya izandla zakhe (elahlekelwe ithemba futhi elusizi) ngenxa yalokho ayekuchitha kusona, kulapho sibhubhe ngisho nesisekelo saso wayesethi, "Oh! Ngifisa sengathi angizange ngenzele iNkosi yami umhlanganyeli ekuyikhonzeni".

43. Futhi akanalo iqembu labantu elingamsiza ukubhekana noMvelinqangi futhi akakwazi ukuzivikela.

44. Lapho igunya lingelikaMvelinqangi ngeqiniso, yena ungowedlula konke ngokunonga umvuzo futhi ungongcono ekugcineni (esiphethweni).

## *Isigaba sesithupha (6)*

45. Futhi benzele isibonelo sempilo yalomhlaba injengamanzi (imvula) esiyehlisela phansi ephuma emafini bese okumilayo komhlabathi (izihlahla, utshani nokunye) kumiliswe iyona,

(ekugcineni) kuyona kuvuthuluke kuphephethwe ngumoya futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi unamandla okwenza zonke izinto.

46. Ingcebo nezingane kungumhlobiso wempilo yalomhlaba kepha imisebenzi emihle elungileyo ihlala ikhona njalo, mihle eNkosini yakho mayelana nomvuzo futhi (imisebenzi elungileyo) ingcono mayelana nethemba.

47. Futhi khumbula ngosuku lapho siyobe sibhidliza izintaba futhi uyobona umhlaba undlaleke waqonda futhi siyobaqoqela ndawonye bonke ngakho-ke angeke size sishiye ngisho noyedwa wabo ngemumva.

48. Futhi bayolethwa ngaphambili kweNkosi yakho bamiswe ngolayini (iNkosi yakho iyothi) "ngempela senifikile kuthi njengoba sanidala ekuqaleni kepha nanicabanga ukuthi angeke sinithembise (ukuhlangana nathi)".

49. Futhi kuyovezwa incwadi, ngakho-ke niyobona izoni zesaba kulokho ezikukona ziyothi, "Oh yeka okwethu! Uhloboluni lencwadi lolu ayishiyi lutho ngaphandle ngisho noma luncane noma lukhulu iyakubala, futhi bayokuthola konke lokho ababekwenza (nabakwenzayo) manje futhi iNkosi yakho angeke yenze okungenabulungiswa ngisho nakoyedwa umuntu".

***Isigaba sesikhombisa (7)***

50. Futhi khumbula ngenkathi sithi ezingelosini kothamelani u-Adamu ngakho-ke zakhothama ngaphandle kuka-Iblis wayengomunye wamaJinn ngakho-ke akawuhloniphanga umthetho weNkosi yakhe, ngakube nithatha yena kanye nenzalo yakhe njengabavikeli esikhundleni sami na? Kulapho bona beyizitha zenu na? Kubi okushintshwa izoni.

51. Angibakhombisanga indalo yamazulu nomhlaba futhi angibakhombisanga ngisho nokudalwa kwabo uqobo futhi angizange ngithathe abedukisayo njengabasizi.
52. Futhi khumbula ngosuku lapho eyothi, “bizani labo enaningenzela abahlanganyeli nabo ekungikhonzeni ngakho-ke bayobamemeza kepha angeke babaphendule futhi siyokwenza ukuthi bahlukane (abadukileyo nabaholelwe endleleni elungileyo)”.
53. Futhi izoni ziyawubona umlilo bese ziyazi ukuthi zona zizongena kuwona futhi angeke zithole ukuphunyuka kuwona.

***Isigaba sesishiyagalombili (8)***

54. Futhi ngempela sabenzela abantu kuleQur’an zonke izinhlobo zezibonelo futhi ngasosonke isikhathi okuningi okwenziwa ngumuntu impikiswano.
55. Futhi akukho lutho oluvimbela abantu ukuthi bakholwe uma sebefikelwe ukuholwa futhi nasekuceleni intethelelo eNkosini yabo ngaphandle uma befikelwa indlela esathatha ngayo abantu basendulo noma bafikelwe isijeziso sibekwe ngaphambi kwabo.
56. Futhi asizithumeli izithunywa ngaphandle kokuthi zibe ngabalethi bezindaba ezimnandi nabaxwayisi futhi labo abangakholwa benza impikiswano ngamanga ukuze babhuntshise iqiniso ngawo, bathatha amavesi ami kanye nalokho abaxwayiswa ngako inhlekisa.
57. Futhi ngubani ongenabulungiswa ngokwedlulele kunalowo okhunjuziswa ngamavesi eNkosi yakhe bese engawanaki futhi akhohlwe yilokho okuthunyelwe izandla zakhe ngaphambili na? Ngempela sibeke ezinhliziyweni zabo izisicilelo hleze bayiqonde (iQur’an) sabeka nobuthuli emadlebeni abo, futhi uma ubamemela ekuholweni ngakho-ke abasoze baholeleke endleleni eqondile.

58. Futhi iNkosi yakho iyathethelela ingumnikazi womusa, ukube ibathatha ngendlela abazuze ngayo beyizobasheshisela isijeziso kepha okwabo isethembiso (isikhathi esinqunyiweyo), abasoze balithole ithuba lokuphunyuka.
59. Futhi lamadolobha sawabhubhisa ngenkathi enza okungalungile futhi sawabekela isikhathi sokubhujiswa kwawo.

***Isigaba sesishiyagalolunye (9)***

60. Futhi khumbula ngenkathi uMose ethi emfaneni wakhe (isisebenzi) "angeke ngililahle ithemba kuze kube ilapho ngifika khona ezinhlanganweni zolwandle olubili noma ngihambe isikhathi sonke sempilo".
61. Ngakho-ke kwathi lapho bobabili sebefika ezinhlanganweni zalo lolubili bakhohlwa inhlanzi yabo yase ithatha indlela yayo ebheke olwandle kalula.
62. Ngakho-ke kwathi lapho sebeqhubekela phambili (uMose) wathi, emfaneni wakhe (isisebenzi), "silethele ukudla kwethu kwasemini ngempela sesikhathele kuloluhambo lwethu".
63. (Umfana) wayesethi, "ubonile yini ngesikhathi besiphumulile edwaleni ngakho-ke ngempela mina ngikhohlwe inhlanzi futhi akukho lutho olungenze ukuthi ngikhohlwe ngaphandle kukasathane ukuthi ngiyikhumbule yabe seyithatha indlela yayo ebheke olwandle ngokumangalisayo".
64. Wathi, "lokhu yikona ebesikade sikufuna" ngakho-ke bobabili baphindela emumva behamba ezinyathelweni zabo.
65. Base bethola enye yezinceku zethu esayipha umusa ovela kuthina futhi esayifundisa kulolwazi esinalo.
66. UMose wathi kuyona (inceku), "ngingakulandela yini ukuze ungifundise okuthize kulokho okufundisiwe na?"
67. Yathi, "ngempela wena awusoze wakwazi ukungibekezelela".
68. Futhi uzokubekezelela kanjani lokho ongenalwazi lwako na?

69. Wathi (uMose), "uzongithola ngingobekezelayo uma uMvelinqangi ethanda futhi angeke ngingakuhloniphi odabeni."
70. Yathi (inceku) uma ungilandela ngakho-ke ungangibuzi lutho kuze kube ilapho ngikhuluma nawe ngako.

***Isigaba seshumi (10)***

71. Ngakho-ke bobabili bahamba kwaze kwaba ilapho bobabili begibela emkhunjini (inceku yethu) yawulimaza (uMose) wathi,
"ngakube uwulimazile ukuze uminzise abantu bawo na? Ngempela wenze into embi (enzima).
72. (Yaphendula inceku yethu) yathi, "angizange ngikutshele yini ukuthi ngempela wena angeke ukwazi ukungibekezelela na?"
73. Wathi (uMose) "ungangisoli ngengikhohliwe ngako futhi ungabi nzima kumina odabeni lwami (nawe)."
74. Ngakho-ke bobabili baqhubeka bahamba kwaze kwaba ilapho behlangana khona nomfanyana (inceku yethu) yambulala (uMose) wathi, "ngakube sewubulale umuntu omsulwa ngaphandle kwesizathu, ngempela wenze into emangalisayo".
75. Yathi (inceku yethu), "angizange yini ngikutshele ukuthi ngempela wena angeke ukwazi ukungibekezelela na?"
76. Wathi (uMose), "uma ngikubuza ngokuthize emva kwalokhu ngakho-ke ungabe usahamba nami, uyobe sewuthole izaba (lokungahambi) nami".
77. Ngakho-ke baqhubeka bobabili bahamba kwaze kwaba ilapho bobabili befika ebantwini bedolobha bacela ukudla ebantwini balo kepha (abantu bedolobha) benqaba ukubathatha njengezihambeli ngakho-ke bafica kulona udonga olwaseluzodilika ngakho-ke (inceku yethu) yalulungisa (uMose) wathi, "ukube bewuthanda bewuzofuna inkokhelo ngalokho".

78. (Inceku yethu) yathi "lokhu sekungukuhlukana phakathi kwami nawe ngizokutshela incazelo yalokho owehluleka ukukubekezelela".
79. Mayelana nomkhumbi, bewungowabantu abampofu abasebenza olwandle ngakho-ke bengihlose ukuwulimaza ngokuba ngaphambi kwabo bekuneNkosi ebeyithatha yonke imikhumbi ngendluzula.
80. Futhi mayelana nomfanyana (engimbulele) abazali bakhe bangamakholwa ngakho-ke sesabile ukuthi hleze abahluphe ngokungabahloniphi nokungakholwa.
81. Ngakho-ke sithandile ukuthi iNkosi yabo bobabili (abazali bakhe) ibashintshele esikhundleni sakhe ngongcono kunaye omsulwa futhi osondele kakhulu ngomusa.
82. Futhi mayelana nodonga (olwaseluwa) lwalungolwabafanyana ababili abayizintandane edolobheni (emphakathini) futhi ngaphansi kwalo (udonga) kwakunomnotho wazo zombili (lezizintandane) futhi uyise (ukhokho) wazo zombili wayengolungileyo ngakho-ke iNkosi yakho yayihlose ukuthi bobabili bafinyelele ekukhuleni ngokwanele bese bobabili bekwazi ukukhipha umnotho wabo, lo ngumusa ovela eNkosini yakho ngakho-ke angikwenzanga lokho ngokuthanda kwami, lokho kuyincazelo (nokuhunyushwa) kwako konke lokho owawungakwazi ukukubekezelela.

***Isigaba seshumi (11)***

83. Futhi bakubuza ngoZul-Qarnain ithi, "ngizonifundela okuthize ngomlando wakhe".
84. Ngempela thina samzinzisa emhlabeni futhi samnikeza izindlela zayo yonke into.
85. Ngakho-ke walandela indlela.
86. Kwaze kwaba ilapho efika khona ekushoneni kwelanga walifica lishona emanzini ahwalele futhi wafica abantu eduzane nalo,

sathi "Oh Zul-Qarnain! Phakathi kokuba uyabajezisa noma uba nobubele kubona".

87. Wathi, "kepha lowo owenza okungenabulungiswa ngakho-ke sizomjezisa bese ephindiselwa eNkosini yakhe bese imjezisa ngesijeziso esinzima".

88. Futhi mayelana nalowo owakholwayo futhi owenza okulungileyo ngakho-ke okwakhe kuyoba ngumvuzo omuhle futhi siyokhuluma naye kalula ngempoqo yethu.

89. Wayeselandela indlela.

90. Kwaze kwaba ilapho efika khona endaweni lapho kuphuma khona ilanga walifica liphumela phezu kwabantu esasingazange sibenzele umpheme wokukhosela (wokuzivikela) kulona.

91. Kanjalo-ke futhi sasikungamele lokho ayenolwazi ngako.

92. Wayeselandela indlela.

93. Kwaze kwaba ilapho efika khona phakathi kwezintaba ezimbili wafica ngale kwazo zombili, abantu ababengakwazi ngisho ukuqonda inkulumo.

94. Bathi, "Oh Zul-Qarnain! ngempela uGog noMagog bayizoni emhlabeni ngakube kufanele yini sethule isethulo kuwena ukuthi usenzele uthango phakathi kwethu nabo na?"

95. Wathi, "lokho engisimamise kukona iNkosi yami kungcono, ngakho-ke ngisizeni ngamandla ukuze ngenze uthango phakathi kwenu nabo".

96. Ngiletheleni izingcezu zensimbi kwathi lapho esegcwalise isikhala esiphakathi kwezintaba ezimbili wathi, "futhani" kwaze kwaba ilapho ekwenze kwaba ngumlilo wathi, "ngiletheleni ithusi (elincibilikileyo) ngilithele phezu kwabo".

97. Ngakho-ke (uGog noMagog) abakwazanga ukuphuma futhi abakwazanga ukuwugumba umgodi (ukuze baphume).

98. Wathi, "lona ngumusa ovela eNkosini yami kepha uma sekufika isethembiso seNkosi yami iyolibhidliza (udonga) futhi ngaso sonke isikhathi isethembiso seNkosi yami siyiqiniso".

99. Futhi ngalolosuku (lokuphuma kukaGog noMagog) siyokwenza ukuthi abanye babo beze kwabanye njengamagagasi futhi kuyokhaliswa icilongo bese sibaqoqela ndawonye bonke.
100. Futhi ngalolosuku isihogo siyosivezela obala abangakholwayo.
101. Labo amehlo abo ayemboziwe esikhumbuzweni sami futhi babengakwazi ukuzwa.

## *Isigaba seshumi nambli (12)*

102. Ngakube labo abangazange bakholwe bacabanga ukuthi bangathatha izinceku zami ukuba zibe ngabavikeli esikhundleni sami na? Ngempela thina sabalungiselela abangakholwayo isihogo njengendawo yokuhlala.
103. Ithi, "ngakube sinitshelile yini ngabalahlekelwe kakhulu mayelana nezenzo na?"
104. Labo imifutho yabo eyelahlekele empilweni yalomhlaba kulapho bona becabanga ukuthi benza imisebenzi emihle.
105. Labo bayilabo abangakholelwa emavesini eNkosi yabo nase kuhlanganeni nayo ngakho-ke imisebenzi yabo iyize leze, angeke sibenzele isisindo (ukubaluleka) ngosuku lukuvuka kwabafileyo.
106. Lokho ngumvuzo wabo, isihogo ngenxa yokungakholwa kwabo nokuthi babethatha amavesi (izimpawu) zami nezithunywa zami njengenhlekisa.
107. Ngempela labo abakholwayo futhi abenza izenzo ezinhle okwabo izivande zePharadisi njengendawo yokuhlala.
108. Bayohlala khona ingunaphakade angeke baze bafise ukuphuma kusona.
109. Ithi, "ukube ulwandle lwalungu-inki wokubhala amagama eNkosi yami lwaluzophela ulwandle ngaphambi kokuba kuphele amagama eNkosi yami futhi ngisho noma sasingeza (nolwandle) olufana nalo (lwaluzophela)".

110. Ithi, "kuphela mina ngingumuntu ofana njengani, okwembulwa kumina ukuthi uNkulunkulu wenu nguNkulunkulu oyedwa, ngakho-ke noma ngabe ngubani ofisa ukuhlangana neNkosi yakhe makenze imisebenzi elungileyo futhi angahlanganisi ngisho noyedwa ekukhonzeni iNkosi yakhe".

# (19)
# Maryam–uMariya

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Kaf Ha Ya 'Ain Saad
2. Isikhumbuzo somusa weNkosi yakho encekwini yayo uZakariya.
3. Khumbula ngenkathi ememeza iNkosi yakhe, ukumemeza kwasesithe.
4. Wathi (uZakariya), "Nkosi yami ngempela amathambo ami abuthakathaka nekhanda lami elingwevu lishintshile (ngenxa yobudala) futhi angikaze ngingajabuli (ngingabusiseki) emthandazweni wami kuwena Nkosi yami."
5. Futhi ngempela mina ngesaba izihlobo zami eziza ngemumva kwami futhi nonkosikazi wami uyinyumba ngakho-ke ngiphe indlalifa evela kuwena.
6. Eyizokuba yindlalifa yami nendlalifa yomndeni (yezizukulwane) zikaJakobe futhi uyenze Nkosi yami ibe ngozoyithanda.
7. Yathi (iNkosi) "Oh Zakariya! Ngempela thina sikutshela izindaba ezimnandi ngomfana ogama lakhe okuzoba nguJohane, asikaze silinikeze muntu ngaphambilini leligama".
8. Wathi (uZakariya) "Nkosi yami ngingaba kanjani nendodana kulapho unkosikazi wami eyinyumba futhi kulapho sengifinyelele ebangeni lokukhula elikhulu kangaka na?"
9. Yathi (ingelosi) kuzoba njalo, INkosi yakho ithi, "kulula kumina futhi ngempela ngakudala ngaphambilini ngenkathi wawungeyilutho".

10. Wathi, "Nkosi yami ngiphe uphawu" yathi "uphawu lwakho ngukuthi ungakhulumi nabantu ubusuku obuthathu kulapho uphila kahle".
11. Ngakho-ke waphuma waya kubantu bakhe ephuma endaweni yokwenza umthandazo ngakho-ke wabatshela ukuthi mabadumise (uMvelinqangi) ekuseni nakusihlwa.
12. Yathi (iNkosi) "Oh Johane! Ibambisise incwadi, futhi samupha ubuhlakani ngenkathi esayingane."
13. Nomusa ovela kuthina nokuhlanzwa futhi wayengoqotho.
14. Futhi wayebalalela abazali bakhe, futhi wayengesiyena oqhoshileyo, ongahloniphi.
15. Ukuthula makube kuye ngosuku azalwa ngalo nangosuku afa ngalo nangosuku ayovuselwa ngalo ekuphileni.

***Isigaba sesibili (2)***

16. Futhi mkhumbule encwadini uMariya ngenkathi ehamba emndenini wakhe eya endaweni engasempumalanga.
17. (UMariya) wayesezisitheza kubona ngakho-ke sathumela kuyena umoya wethu (Gabriyeli) wase uqhamuka kuyena uyisimo somuntu ophelele.
18. (UMariya) wathi, "ngempela mina ngifuna isiphephelo konomusa ukubalekela wena (suka kumina) uma umesaba uMvelinqangi".
19. (Ingelosi) yathi, "kuphela mina ngiyisithunywa seNkosi yakho ukuthi (ngimemezele) kwena (izindaba ezimnandi) ngesiphiwo sendodana emsulwa".
20. (UMariya) wathi, "kungenzeka kanjani ukuthi ngibe nendodana kulapho engekho umuntu ongithintile futhi angikaze ngingabi msulwa na?".
21. (Ingelosi) yathi, "kuzokuba njalo iNkosi yakho ithi kulula kumina futhi sizoyenza (indodana) ukuthi ibenguphawu

kubantu nomusa ovela kuthina futhi kungudaba oselunqunyiwe".

22. Ngakho-ke (uMariya) wayeseyayikhulelwa (indodana enguJesu) wahamba nayo waya endaweni ekude.
23. Ngakho-ke (uMariya) wayezwa izinhlungu zokusikwa wayeseya esiqwini sesihlahla sesundu wayesethi "Oh Ngifisa sengathi ngifile ngaphambi kwalokhu futhi ngibe ngokhohliweyo".
24. Ingane yase immemeza unina ngaphansi kwakhe (yathi), "ungaphatheki kabi ngempela iNkosi yakho ibeke ngaphansi kwakho umfudlana".
25. Futhi nyakazisa isiqu sesihlahla sesundu size ngakuwena sizokwehlisela phezu kwakho amasundu avuthiwe asemasha.
26. Ngakho-ke yidla uphuze upholise amehlo, ngakho-ke uma phakathi kwabantu ubona oyedwa uthi "ngempela mina ngenze isifungo sokuzila konomusa ukuthi angeke ngikhulume namuntu namhlanje."
27. Wayeseya nayo eyiphethe (ingane enguJesu) kubantu bakhe, bathi "Oh Mariya! Ngempela ulethe into ethusayo".
28. Oh dadewabo ka-Aroni! uyihlo wayengesiyena umuntu ongalungile kanye nonyoko wayengesiyena umuntu ongenaso isimilo".
29. Ngakho-ke (uMariya) wayesemkhomba (uJesu) abantu baMariya bathi "singakhuluma kanjani nalowo oyingane osembelekweni na?"
30. (UJesu) wathi, "ngempela mina ngiyinceku kaMvelinqangi unginikeze incwadi wangenza ngaba ngumphrofethi".
31. Futhi wangenza ngaba ngobusisiwe noma ngabe ikuphi lapho ngikhona wangibophezelela emthandazweni kanye nokukhokha izakaah (ingxenye yemali ekhokhwayo kwabampofu) inqobo nje uma ngisaphila.
32. Futhi ngibe ngomlalelayo umama wami futhi makangangenzi ukuthi ngibe ngoqhoshileyo ongabusisekile.

33. Futhi ukuthula kube phezu kwami mzukwane ngizalwa namzukwane ngifa namzukwane ngiyovuswa ngibuyele empilweni."
34. Lowo nguJesu indadona kaMariya, inkulumo eyiqiniso okuyiyona abangabazayo (noma abaphikisanayo) ngayo.
35. Akusikhona okukaMvelinqangi ukuthi angaba nendodana, udumo malube kuye! Uma enquma udaba ngakho-ke kuphela uma ethi kulona "yenzeka" kuyenzeka.
36. Futhi ngempela uMvelinqangi uyiNkosi yami futhi uyiNkosi yenu ngakho-ke mkhonzeni, lena yindlela eqondileyo.
37. Kepha amaqembu phakathi kwabo ayephikisana, Oh usizi! Kulabo abangazange bakholelwe ekuhlanganeni ngosuku olukhulu.
38. Bayozwa ngokucacile futhi babone ngosuku lapho beyobe bengaphambili kwethu kepha izoni ngalolosuku ziyobe zisekudukeni okusobala.
39. Futhi baxwayise ngosuku losizi nokuzisola ngenkathi udaba luyobe lunqunywa kulapho bona benganakile futhi bona bengakholwa.
40. Ngempela thina siyizindlalifa zomhlaba nabobonke abakuwona futhi ikuthini lapho beyophindiselwa khona.

***Isigaba sesithathu (3)***

41. Futhi khumbula (umlando) ka-Abrahamu embhalweni, ngempela yena wayengumphrofethi oneqiniso.
42. Khumbula ngenkathi ethi kuyise, "Oh baba wami! Kungani ukhonza lokho okungezwa futhi okungaboni futhi okungeyinzuzo yalutho kuwena na?"
43. Oh Baba wami! ngempela mina ngifikelwe ulwazi olungazange lufike kuwena ngakho-ke ngilandele ngizokuholela endleleni eqondileyo.

44. Oh baba wami! ungamkhonzi usathane, ngempela usathane akamhloniphanga onomusa.
45. Oh baba wami! Ngempela mina ngiyesaba ukuthi ungase uthintwe yisijeziso esivela konomusa (uMvelinqangi) bese uba ngumngane kasathane".
46. (Uyise) wathi, "ngakube wena awubathandi yini oNkulunkulu bami Oh Abrahamu na? Uma ungakuyeki (lokho) ngempela ngizokukhanda ngamatshe futhi qhelelana nami isikhathi eside".
47. (U-Abrahamu) wathi (kuyise) "ukuthula makube kuwe ngizokucelela intethelelo eNkosini yami ngempela yona ngasosonke isikhathi imnene kumina".
48. Futhi ngiyaqhelela nani nakulokho enikumemezayo esikhundleni sikaMvelinqangi futhi ngizomemeza iNkosi yami, nginethemba lokuthi angeke ngingabusiseki ekumemezeni kwami iNkosi yami.
49. Ngakho-ke kwathi lapho (u-Abrahamu) eseqhelelana nabo kanye nalokho abakukhonzayo esikhundleni sikaMvelinqangi samupha u-Isaka noJakobe, ngamunye wabo samenza waba ngumphrofethi. Futhi sabapha emseni wethu futhi sabapha ukuduma la emhlabeni okusezingeni eliphezulu.

## ***Isigaba sesine (4)***

50. Futhi khumbula (umlando) kaMose encwadini (embhalweni) ngempela yena wayemsulwa futhi wayeyisithunywa, engumphrofethi.
51. Futhi sambizela ngasohlangothini lwesokudla lwentaba futhi samenza ukuthi asondele ukuze sikhulume (naye).
52. Futhi samnika ngomusa wethu umfowabo u-Aroni ukuthi abengumphrofethi.

53. Futhi khumbula u-Ishamyeli embhalweni, ngempela yena wayengoneqiniso esethembisweni futhi wayeyisithunywa engumphrofethi.
54. Futhi wayegcizelela abantu bakhe ngomthandazo nokuthi bakhokhe izakaah futhi eNkosini yakhe wayengothandiweyo.
55. Futhi khumbula u-Idris embhalweni ngempela yena wayengoneqiniso engumphrofethi.
56. Futhi samenyusela endaweni esezingeni eliphezulu.
57. Labo bayilabo uMvelinqangi abeke umusa phezu kwabo abaphuma phakathi kwabaphrofethi enzalweni ka-Adamu kanye neyalabo esabathwala kanye noNowa (ngomkhumbi) nenzalo ka-Abrahamu no-Israyeli kanye neyalabo esabahola futhi sabakhetha okwakuthi uma befundelwa amavesi onomusa bawe phansi ngokuzithoba futhi bakhale.
58. Ngakho-ke emva kwabo kwabe sekufika inzalo eyayingawunaki umthandazo futhi eyayilandela izifiso, iyohlangana nokubhubha esihogweni.
59. Ngaphandle kwalabo abazisolayo futhi bakholwe benze nezenzo ezilungileyo ngakho-ke labo bayongena esivandeni futhi angeke benziwele ngisho nakancane okungeyisibona ubulungiswa.
60. Izivande zaphakade okuyizona onomusa azethembisa izinceku zakhe kokungabonwayo ngempela isethembiso sakhe siyagcwaliseka ngasosonke isikhathi.
61. Lapho phakathi (ezivandeni) angeke bayizwe inkulumo eyilize kuphela kuyoba ukuthula futhi okwabo kuyoba izipho zabo (izabelo zabo) ekuseni nakusihlwa.
62. Lelo izulu okuyilona esiyokwenza ukuthi izinceku zethu zilithathe njengefa, lezo ezazenza izenzo ezilungileyo.
63. Futhi uGabriyeli wathi asehleli phansi ngaphandle kwempoqo yeNkosi yakho kungokwayo konke lokho okungaphambili kwethu nokungemumva kwethu nokuphakathi kwalokho futhi ngasosonke isikhathi iNkosi yakho ayikhohlwa.

64. INkosi yamazulu nomhlaba nakho konke okuphakathi kwako kokubili ngakho-ke yikhonze futhi ube nokubekezele ekuyikhonzeni, ngakube ukhona yini omaziyo ofana nayo na?

***Isigaba sesihlanu (5)***

65. Futhi umuntu uthi, "ngakube uma sengifile ngempela ngiyovuswa ngiphila yini na?"
66. Ngakube umuntu akakhumbuli yini ukuthi thina samdala ngaphambilini kulapho wayengeyilutho na?
67. Ngakho-ke ngifunga ngeNkosi yakho ngempela siyobaqoqela ndawonye kanye nabosathane bese sibenza ukuthi babekhona bazungeleze isihogo bekhasa ngamadolo.
68. Bese ngempela sikhipha kulelo naleloqembu bonke labo ababephikisana ngokwedlulele nonomusa (uMvelinqangi).
69. Bese ngempela thina sazi kabanzi ngalabo abafaneleke ngokwedlulele ukuba bashiswe kusona (isihogo).
70. Futhi akekho phakathi kwenu ongeke adlule kusona (isihogo), isidingo eNkosini yakho ekufanele ukuba sifezwe.
71. Ngakho-ke siyosindisa labo ababemesaba uMvelinqangi bese sishiya izoni lapho phakathi zikhasa ngamadolo.
72. Futhi uma befundelwa amavesi ethu acacile bathi labo abangakholwanga kulabo abakholwayo,"yiliphi lamaqembu amabili elingcono ngendawo yokuhlala nelinendawo yokuhlanganela enhle ngokwedlulele na?"
73. Futhi zingaki izizukulwane esazibhubhisa ngaphambilini kwabo, zona zazingcono ngokwedlulele ngengcebo nokubukeka.
74. Ithi noma ngabe ubani osekudukeni ngakho-ke onomusa (uMvelinqangi) uzomelulela (intambo) kuze kube ilapho bebona khona lokho ababekuthenjisiwe isijeziso noma ihora ngakho-ke bayokwazi ukuthi ngubani lowo osendaweni embi nokuthi ngeliphi ibutho elibuthakathaka ngokwedlulele".

75. Futhi uMvelinqangi uyabandisa labo abaholiweyo ukuholwa futhi ihlala ikhona imisebenzi emihle ingcono eNkosini yakho mayelana nomvuzo futhi ingcono mayelana nembuyiselo.
76. Ngakube umbonile yini lowo ongakholelwanga emavesini ethu na? Bese ethi, "ngempela ngizophiwa ingcebo nezingane".
77. Ngakube uyakwazi yini okungabonwayo noma uthathe isivumelwano konomusa na?
78. Lutho! Siyokubhala phansi konke lokho akushoyo futhi siyomenyusela isijeziso.
79. Futhi siyokudla ifa, konke lokho akushoyo futhi uyoza kuthina eyedwa.
80. Futhi bathatha izithixo (ukuba bazikhonze) esikhundleni sikaMvelinqangi ukuze zibanike amandla.
81. Lutho! (Izithixo) ziyokuphika ukubakhonza kwabo futhi bese ziba yizitha zabo.

***Isigaba sesithupha (6)***

82. Awuboni yini ukuthi sabathumela osathane kwabangakholwayo ukuze babaphushele ekoneni.
83. Ngakho-ke ungabajahi kuphela sibabalela isibalo (sesikhathi esisele).
84. Ngosuku esiyobaqoqela ngalo konomusa labo abenze okulungileyo njengezithunywa.
85. Futhi izoni siyoziholela esihogweni zisesimweni sokunxanwa.
86. Angeke bakwazi ukuzincengela ngaphandle kwalowo owathatha isivumelwano konomusa.
87. Futhi bathi, "onomusa (uMvelinqangi) unendodana".
88. Ngempela nilethe into eshaqisayo.
89. Amazulu angacishe adabuke ngenxa yalokho nomhlaba udabuke phakathi nezintaba zibhidlike zibe yizicucu.
90. (Ngenxa) yokuthi bapha onomusa (uMvelinqangi) indodana (enguJesu).

91. Futhi akumfanele onomusa ukuthi angaba nendodana.
92. Akukho ngisho noyedwa osemazulwini nasemhlabeni ngaphandle kokuthi eze konomusa njengenceku.
93. Ngempela uyabazi bonke futhi ubabalile isibalo esiphelele.
94. Futhi bonke bayoza kuyena ngosuku lokuvuka kwabafileyo bengabodwana.
95. Ngempela labo abakholwayo futhi abenza izenzo ezilungileyo onomusa uyobabekela uthando.
96. Ngakho-ke sikwenze kwalula ngolimi lwakho ukuthi ubatshele ngalo izindaba ezimnandi labo abenza okulungileyo, nokuthi ubaxwayise ngalo abantu abaqhelelene neqiniso.
97. Futhi zingaki izizukulwane esazibhubhisa ngaphambilini kwabo na? Ungamthola yini ngisho noyedwa wabo noma uzwe ubuswebeswebe babo na?

# (20)
# Twa Ha

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa, onesihawu*

1. Twa Ha
2. Asiyehliselanga phansi kuwena iQur'an ukuze sikubangele ubunzima.
3. Kepha njengomkhumbuzi kulowo owesaba (uMvelinqangi).
4. Isambulo esivela kulowo owadala umhlaba namazulu aphakeme.
5. Onomusa ozinze phezu kwesihlalo sobukhosi.
6. Kungokwakhe konke lokho okusemazulwini nakho konke lokho okusemhlabeni nakho konke lokho okuphakathi kwabo kokubili nakho konke lokho okungaphansi komhlaba.
7. Futhi uma ukhuluma ngezwi eliphezulu, ngakho-ke ngempela yena uyayazi imfihlo nokufihlwe ngokwedlulele.
8. UMvelinqangi, akukho lutho olunokukhonzwa ngaphandle kwakhe, angawakhe amagama amahle ngokwedlulele.
9. Futhi ngakube seyafika yini kuwena indaba kaMose na?
10. Khumbula ngenkathi ebona umlilo ngakho-ke wayesethi kubantu bakhe, "yimani ngempela mina ngibona umlilo, kungenzeka kuthi nginganilethela ilangabi eliphuma kuwona noma ngithole ukuholeka emlilweni".
11. Ngakho-ke kwathi lapho sefika kuwona wamenyezwa (kwathiwa) "Oh Mose!".
12. Ngempela mina ngiyiNkosi yakho ngakho-ke khumula izicathulo zakho ngempela wena usesigodini esingcwele iTuwa.
13. Futhi mina ngikukhethile ngakho-ke lalela lokho okuzokwembulwa (kuwena).

14. Ngempela mina ngingu-Mvelinqangi, akunanto engakhonzwa ngaphandle kwami ngakho-ke ngikhonze futhi wenze umthandazo ukungikhumbula.
15. Ngempela ihora liyeza, ngiyanqikaza ukulifihla ukuze yonke imiphefumulo ithole umvuzo ngalokho ekuzabalazele.
16. Ngakho-ke ungamvumeli lowo ongakholelwa kulona (ihora) futhi olandela izifiso akuvimbele kulona (ekulilungiseleleni) hleze ubhubhe.
17. Futhi yini leyo esesandleni sakho sokudla Oh Mose! na?
18. Wathi (uMose), "induku yami engidondolozela ngayo futhi engehlisela ngayo phansi amaqabunga ezimvu zami futhi ngineminye imisebenzi ngayo".
19. Wathi (uMvelinqangi) "iphonse phansi Oh Mose!"
20. Ngakho-ke wayiphonsa phansi kwaba ilapho iphenduka khona inyoka ezihambelayo.
21. UMvelinqangi wathi, "ibambe ungesabi sizoyiphindisela esimweni sayo sokuqala".
22. Futhi cindezela isandla sakho eceleni lakho sizophuma simhlophe singenabubi (lolu) ngolunye uphawu.
23. Ukuze sikukhombise ezinye zezimpawu zethu ezinkulu.
24. Hamba uye kuFaro ngempela yena akahloniphanga.

## ***Isigaba sesibili (2)***

25. Wathi (uMose), "Nkosi yami ngivulele isifuba sami".
26. Futhi ngenzele lula udaba lwami.
27. Futhi qaqa ifindo olimini lwami.
28. (Ukuze) bayiqonde inkulumo yami.
29. Futhi ngiphe umsizi emndenini wami.
30. U-Aroni umfowethu.
31. Thasisela ngaye emandleni ami.
32. Futhi menze ukuthi alekelele odabeni lwami.
33. Ukuze sikudumise kakhulu.

34. Futhi sikukhumbule kakhulu.
35. Ngempela wena ngasosonke isikhathi uyasibona.
36. (UMvelinqangi) wathi, "semukelwe isicelo sakho Oh Mose!".
37. Futhi ngempela sakwenzela ububele ngenye inkathi.
38. Khumbula ngenkathi sembulela unyoko lokho okwembuliwe.
39. Ukuthi ayifake (ingane) ebhokisini bese eliphonsa emfuleni, umfula uzoliphonsa ogwini, siyolithatha (lelo bhokisi) isitha sami nesitha sakhe futhi ngehlisele phezu kwakho uthando oluvela kumina futhi ukuze ukhuliswe ngaphansi kwehlo lami.
40. Khumbula ngenkathi udadewenu ehamba futhi ethi, "ngakube nginganikhombisa lowo ozomgada yini na?" "Ngakho-ke sakubuyisela kunyoko ukuze apholise amehlo akhe futhi ungaphatheki kabi, ngakho-ke ubulale umuntu sabe sesiyakusindisa enhluphekweni futhi sakulinga ngezilingo wase uhlala iminyaka eminingi nabantu baseMidiyane wabe sewuyeza njengoba kuyisikhathi esinqunyiwe Oh Mose!
41. Futhi ngizikhethele wena.
42. Hamba wena nomfowenu namavesi ami futhi nobabili ningadembeseli ekungikhumbuleni.
43. Hambani nobabili niye kuFaro ngempela yena akahloniphanga.
44. Bese nobabili nikhuluma naye inkulumo emnene, mhlawumbe angakhumbula (anake) noma asabe".
45. Bathi bobabili (uMose no-Aroni) "Nkosi yethu ngempela thina siyesaba ukuthi hleze ajahise ukusijezisa noma angahloniphi".
46. (UMvelinqangi) wathi, "nobabili ningesabi ngempela mina ngikanye nani nobabili ngiyezwa futhi ngiyabona".
47. Ngakho-ke nobabili hambani niye kuye bese nobabili nithi "ngempela thina sobabili siyizithunywa zeNkosi yakho ngakho-ke bathumele (badedele) kanye nathi abantwana bakwa-Israyeli futhi ungabajezisi, size kuwena nophawu oluphuma eNkosini yakho futhi ukuthula kulowo olandela ukuholwa.

48. Ngempela kwembuliwe kuthina ukuthi isijeziso siyoba phezu kwalowo onqabayo (ophikayo) nofulathelayo.
49. (UFaro) wathi, "Ngakho-ke ngubani iNkosi yenu nobabili Oh Mose! na?".
50. (UMose) wathi, "iNkosi yethu yileyo eyanikeza leyo naleyonto ukudalwa kayo yabe seyiyayihola".
51. (UFaro) wathi, "kwenzekani ngodaba lwezizukulwane zasendulo na?".
52. (UMose) wathi, "ulwazi lwalokho luseNkosini yami, encwadini ayilenzi iphutha iNkosi yami futhi ayikhohlwa".
53. Iyona eyanenzela umhlaba wandlaleka yabe seyinenzela izindlela zokuhamba kuwona futhi yehlisela phansi amanzi (imvula) eyivela esibhakabhakeni ngakho-ke imvula samilisa ngayo izinhlobonhlobo zezithombo ezingambili.
54. Dlanini bese nidedela izinkomo zenu zizidlele ngempela kulokho kunezimpawu kubantu abaqondayo.

***Isigaba sesithathu (3)***

55. Kuwona (umhlaba) sanidala futhi siyoniphindisela kuwona futhi siyonivusa kuwona ngesinye isikhathi.
56. Futhi ngempela samkhombisa zonke izimpawu zethu (uFaro) kepha waphika futhi wenqaba.
57. (UFaro) wathi, "ngakube uze kuthina ukuze usikhiphe ezweni lethu ngomlingo wakho Oh Mose!?"
58. Ngakho-ke ngempela nathi sizokulethela umlingo ofana nawo, ngakho-ke nquma isikhathi (sokuhlangana) phakathi kwethu nawe ungehluleki ukusigcina, thina nawe siyobe siseshashalazini.
59. (UMose) wathi, "isikhathi senu esinqunyiwe ingosuku lomkhosi futhi abantu bayobe behlangene ndawonye ngezikhathi zasekuseni".

60. Ngakho-ke uFaro wahamba wayesehlanganisa icebo lakhe wayeseyeza (kuMose).
61. UMose wathi kubona (kubalumbi bakaFaro) "usizi kunina ningamqambeli uMvelinqangi amanga hleze anibhubhise ngesijeziso futhi angeke aphumelele lowo oqamba (amanga)".
62. Ngakho-ke kwaba khona ukuphikisana phakathi kwabo ngodaba lwabo futhi bayigcina iyimfihlo inkulumo yangasese.
63. Bathi (abantu bakaFaro) "laba bobabili (uMose no-Aroni) ngempela bangabalumbi bobabili bafuna ukunigxosha ezweni lenu ngomlingo wabo futhi banikhiphe endleleni yenu eyisibonelo".
64. Ngakho-ke hlanganisani icebo lenu bese niza ningudwendwe futhi uzobe ulehlulile lolusuku lowo ozonqoba.
65. Bathi, "Oh Mose! Uzophonsa noma sizokuba ngabokuqala ukuphonsa na?"
66. (UMose) wathi, "qha phonsani nina phansi, kwaba ilapho izintambo zabo kanye nezinduku zabo zibukeka sengathi ziza kuyena zigijima ngenxa yomlingo wabo".
67. Ngakho-ke uMose wazizwa enokwesaba.
68. Sathi, "ungesabi ngempela nguwena ongaphezulu omkhulu".
69. Futhi phonsa phansi lokho okusesandleni sakho sokudla kuzogwinya lokho abakwenzile, kuphela abakwenzile kuyicebo lomlumbi futhi angeke aphumelele umlumbi ngisho noma ngabe uqhamukaphi.
70. Ngakho-ke bawa phansi abalumbi bakhothama bathi, "siyakholwa eNkosini ka-Aroni noMose".
71. (UFaro) wathi (kubalumbi bakhe), "nikholwe kuye ngaphambi kokuba ngininike imvume na? Ngempela yena ungumholi wenu onifundise umlingo ngakho-ke ngempela ngizoninquma izandla zenu kanye nezinyawo zenu ezinhlangothini ezehlukene futhi ngempela ngizoninqamuleza eziqwini zemithi yesundu futhi ngempela nizokwazi ukuthi ngubani phakathi kwethu onzima ekujeziseni okubeleselayo".

72. Bathi (abalumbi bakaFaro), "Asisoze sikhethe wena ngaphezu kwalokho osekufikile kuthina okuyizimpawu ezicacile (nangaphezu) kwalowo owasidalayo ngakho-ke yehlulela njengoba uthanda ukwehlulela, kuphela wehlulela kulempilo yalomhlaba".
73. Ngempela sikholiwe eNkosini yethu ukuze isithethelele amaphutha ethu kanye nakulokho osiphoqelele kukona okungumlingo futhi uMvelinqangi ungcono futhi ukhona ngasosonke isikhathi.
74. Ngempela lowo ozayo eNkosini yakhe eyisoni, ngakho-ke ngempela okwakhe yisihogo angeke aze afe kusona futhi angeke aze aphile.
75. Futhi lowo ozayo kuyona (iNkosi yakhe) eyikholwa futhi enza izenzo ezinhle ezilungileyo ngakho-ke labo okwabo amazinga aphakeme.
76. Izivande zaphakade okugeleza ngaphansi kwazo imifula bayohlala khona ingunaphakade futhi lokho kungumvuzo walabo abazihlambululayo.

***Isigaba sesine (4)***

77. Futhi ngempela sakwembula kuMose ukuthi makahambe ebusuku nezinceku zami ngakho-ke bashayele indlela eyomile olwandle, ungesabi ukuficwa (ngamabutho kaFaro) futhi ungesabi (ukuminza olwandle).
78. Ngakho-ke uFaro wabalandela kanye namabutho akhe, kepha ulwandle lwabagalela futhi lwabamboza.
79. Futhi uFaro wabadukisa abantu bakhe futhi wangabaholeli (endleleni eqondile).
80. Oh bantwana bakwa-Israyeli! Ngempela sanisindisa esitheni senu futhi senza isethembiso nani ehlangothini langakwesokudla lwentaba futhi sanehlisela phansi imana kanye nezigcwaca.

81. Dlanini ezintweni ezinhle lokho esanabela kona futhi ningabi abangahloniphi kulokho, hleze intukuthelo yami yehlele phezu kwenu futhi noma ngabe ubani eyehlela phezu kwakhe intukuthelo yami ngempela ubhubhile.

82. Futhi ngempela mina ngiyathethelela noma ngabe ubani ozisolayo futhi akholwe enze nokuhle okulungileyo bese ehamba endleleni elungileyo.

83. Futhi yini eyakwenza ukuthi usheshe ukusuka kubantu bakho OH! Mose na?"

84. (UMose) wathi, "labo basezinyathelweni zami futhi ngisheshise ukuza kuwena Nkosi yami ukuze uthokoze".

85. Wathi, "Ngakho-ke ngempela thina sabalinga abantu bakho emva kwakho (wena ungekho) futhi uSamiri wabadukisa".

86. Ngakho-ke uMose waphindela ebantwini bakhe ethukuthele elusizi wathi, "Oh bantu bami! Ayizange yini iNkosi yenu inethembise isethembiso esihle na? Ngakube isikhathi enanithenjiswe sona sabukeka siside kunina noma nafisa ukuthi yehlele phezu kwenu intukuthelo evela eNkosini yenu nabe senephula isethembiso sami na?"

87. Bathi, "asizange sisephule isethembiso sakho ngokwentando yethu, kepha thina besenziwe ukuthi sithwale imithwalo yemihlobiso yabantu sabesesiyayiphonsa ngakho-ke wayiphonsa kanjalo uSamiri".

88. Ngakho-ke wayesebavezela ithole (eliyisithixo) elalinomsindo ngaphakathi bathi, "lona nguNkulunkulu wenu noNkulunkulu kaMose kepha uMose wakhohlwa".

89. Ababoni yini ukuthi (ithole) aliyibuyiseli kubona impendulo futhi alinamandla okubalimaza nawokubenzela okuhle na?

***<u>Isigaba sesihlanu (5)</u>***

90. Futhi ngempela u-Aroni wayethe kubona ngaphambilini "Oh bantu bami! kuphela nilingiwe ngalo (ithole) futhi ngempela

iNkosi yenu ingenomusa ngakho-ke ngilandeleni futhi nihloniphe isinqumo sami".

91. Bathi, "angeke siyeke ukulikhonza (ithole) kuze kube uMose ubuyela kuthina".

92. (UMose) wathi "Oh Aroni! Yini lena eyakwenqabela (ukubakhuza ekukhonzeni ithole) ngenkathi ubabona beduka na?"

93. Ekungilandeleni na? Ngakube awuyihloniphanga yini impoqo yami na?

94. (U-Aroni) wathi, "Oh ndodana kamama! Ungangibambi ngentshebe yami nangekhanda lami, ngempela mina ngesabile ukuthi hleze uthi wenze uqhekeko phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli futhi awulilandeli izwi lami".

95. (UMose) wathi, "yini inhloso yakho Oh Samiri!?"

96. (USamiri) wathi, "ngakubona lokho ababengakuboni, ngathatha isandla esigcwele (somhlabathi) esinyathelweni sesithunywa (uGabriyeli) ngabe sengisilahla, wangithuma kanjalo umphefumulo wami".

97. Wathi, "Hamba! Ngakho-ke ngempela okwakho kulempilo yalomhlaba ukuthi uthi akungabikhona ukuthintana futhi ngempela okwakho isethembiso esingeke sephuke futhi bheka isithixo sakho ewawuzinikele kusona, ngempela sizosishisa bese siphonsa umlotha waso olwandle".

98. Kuphela uNkulunkulu, wena unguNkulunkulu okunguyena, ongekho uNkulunkulu ongakhonzwa ngaphandle kwakhe, ungamele zonke izinto ngolwazi.

99. Sikutshela kanjalo izindaba zalokho okwenzeka emandulo futhi ngempela sakunikeza kulokho okuvela kuthina okuyisikhumbuzo.

100. Noma ngabe ngubani osifulathelayo (isikhumbuzo) ngakho-ke ngempela yena uyothwala umthwalo ngosuku lokuvuka kwabafileyo.

101. Bayohlala khona, ububi babo ngosuku lokuvuka kwabafileyo kuyoba iloko abakuthwele.
102. Ngosuku lapho kuyobe kukhaliswa icilongo futhi siyoziqoqela ndawonye izoni ngalolosuku zinamehlo aluhlaza.
103. Bayohlebelana (bathi) anihlalanga ngaphandle (kwezinsuku) eziyishumi".
104. Thina siyazi kabanzi ngalokho abakushoyo uma bethi abangcono ngolwazi phakathi kwabo, "anizange nihlale ngaphandle kosuku".

***Isigaba sesithupha (6)***

105. Futhi bayakubuza mayelana nezintaba ngakho-ke ithi "iNkosi yami iyozibhidliza zibe uthuli".
106. Bese iwushiya (umhlaba) uyithafa ubushelelezi uyisicaba.
107. Angeke ububone lapho ubuzombezombe nobugwincigwinci.
108. Ngalolosuku (bonke abantu) bayolandela ummemi, abukho ubuzombezombe abayomenzela kona futhi (wonke) amazwi ayothotshiselwa Onomusa ngakho-ke angeke uzwe lutho ngaphandle kobunyathunyathu bezinyawo zabo.
109. Ngalolosuku angeke kusize ngalutho ukuncenga ngaphandle kwalowo onikwe imvume ngoNomusa futhi oyithokozelayo inkulumo yakhe.
110. Iyakwazi lokho okungaphambili kwabo kanye nalokho okungemumva kwabo, futhi angeke bakwazi ukungamela okuthize olwazini lwakhe.
111. Futhi ubuso buyothotshiswa ngaphambi kophilayo uMvelinqangi owondlayo zonke izidalwa futhi angeke aphumelele lowo othwele ukungabi nobulungiswa.
112. Futhi noma ngabe ngubani owenza izenzo ezinhle ezilungileyo futhi engokholwayo ngakho-ke makangakwesabi ukwenzelwa okungenabulungiswa ukuncishiselwa (ezenzweni zakhe noma emvuzweni wakhe).

113. Futhi sayembula kanjalo iQur'an ngolimi lwesi-Arabhu futhi sazichaza ngobunjalo bazo izexwayiso kuyona ukuze mhlawumbe bona besabe uMvelinqangi noma ibenze ukuthi bakhumbule (banake).
114. Ngakho-ke ophakeme nguMvelinqangi iNkosi eyiqiniso. Ngakho-ke ungasheshi ngeQur'an ngaphambi kokuba ukwembulwa kwayo kuphelelisiwe kuwena futhi ithi "Nkosi yami ngandisele ulwazi".
115. Futhi ngempela sasenza isethembiso ku-Adamu ngaphambilini waseyakhohlwa futhi asizange sikuthole kuyena ukuzimisela.

***Isigaba sesikhombisa (7)***

116. Futhi khumbula ngenkathi sithi ezingelosini "khothamelani u-Adamu" ngakho-ke zakhothama ngaphandle kuka-Iblis wenqaba.
117. Ngakho-ke sathi, "Oh Adamu! Lesi yisitha sakho nesonkosikazi wakho ngakho-ke nobabili makanganikhiphi esivandeni ukuze nibe lusizi".
118. Ngempela okwakho khona (esivandeni) ukuthi ungalambi noma ubenqunu.
119. Nokuthi lapho angeke nome noma nishiswe yilanga.
120. Ngakho-ke usathane wamhlebela wathi "Oh Adamu! ngingakukhombisa yini isihlahla saphakade nombuso ongeke uhlehlele emumva na?"
121. Ngakho-ke bobabili (u-Adamu nonkosikazi wakhe) badla kusona (isihlahla) izitho zabo zomzimba zangasese zabasobala kubona, baqala bobabili bazimboza ngamaqabunga esivande, u-Adamu akayihloniphanga iNkosi yakhe waseyaduka.
122. Yabe seyimkhetha iNkosi yakhe, ngakho-ke (u-Adam) wazisola kuyona (wacela intethelelelo kuyo) yamhola.
123. (uMvelinqangi) wathi, "nobabili yehlikani kusona (isivande) nonke abanye benu bayizitha zabanye ngakho-ke uma kufika

kunina ukuholwa okuvela kumina noma ngabe ngubani olandela ukuhola kwami angeke aduke futhi angeke abelusizi".

124. Futhi noma ngabe ngubani ofulathela isikhumbuzo sami ngakho-ke ngempela okwakhe yimpilo enzima futhi siyomvusa eyimpumputhe ngosuku lokuvuka kwabafileyo.

125. Uyothi, "Nkosi yami yingoba yini ungivusa ngiyimpumputhe kulapho ngangibona na?"

126. (uMvelinqangi) uyothi, "kanjalo afika kuwena amavesi ethu wabe sewuyawakhohlwa kanjalo uzokhohlwa kulolusuku."

127. Futhi simnika kanjalo umvuzo lowo ongahloniphanga futhi ongakholelwanga emavesini eNkosi yakhe, futhi ngempela isijeziso sempilo ezayo sinzima kakhulu futhi asipheli.

128. Ngakube akusikona yini ukuholwa kwabo ukuthi (bazi) ukuthi zingaki izizukulwane esazibhubhisa ngaphambalini kwabo, abahamba ezindlini zazo na? Ngempela kulokho kunezimpawu (nesifundo) kubantu abaqondayo.

## *Isigaba sesishiyagalombili (8)*

129. Futhi ukuba lalingekho izwi elaliphumile ngaphambilini elivela eNkosini yakho (isijeziso sazo izizukulwane) sasizofika kepha kunesikhathi esinqunyiwe.

130. Ngakho-ke kubekezelele lokho abakushoyo futhi udumise ukuphakama kweNkosi yakho ngaphambi kokuphakama kwelanga nangaphambi kokushona kwalo nangezikhathi zobusuku mdumise nangezikhathi zangasekugcineni kwemini ukuze mhlawumbe uthokoze.

131. Futhi ungawavuleli amehlo akho kulokho esilethe ngakho injabulo, amaqembu ehlukehlukene abo (abalandela) ubuhle bempilo yalomhlaba ukuze siwalinge ngayo futhi isabelo seNkosi yakho singcono futhi siyingunaphakade.

132. Futhi gqugquzela abantu bakho ngomthandazo futhi uwubekezelele asiceli lutho kuwena okuyisabelo, thina siyakwabela, futhi isiphetho esihle esalabo abenza okulungileyo.
133. Futhi bathi, "kungani engezi kuthina nophawu oluvela eNkosini yakhe na?" abuzange bufike yini kubona ubufakazi obucacile balokho okusemibhalweni yangaphambilini na?
134. Futhi ukuba thina sasibabhubhisile ngesijeziso ngaphambilini kwakhe babezothi "Nkosi yethu kungani ungasithumelanga kuthina isithunywa, ngakho-ke sasizowalandela amavesi akho ngaphambi kokuba sidunyazwe futhi sihlazwe".
135. Ithi, "Bonke balindile ngakho-ke lindani nizokwazi ukuthi ngobani abalandeli bendlela elungileyo nokuthi ngobani abaholelwe (endleleni eqondile)".

INGXENYE 17

# (21)
# Surah Al-Ambiya-Abaphrofethi

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Kusondele kubantu ukwehlulelwa kwabo kulapho bona befulathela benganaki.
2. Asifiki kubona isikhumbuzo esivela eNkosini yabo ngaphandle kokuba bayasilalela kulapho bona bedlala.
3. Izinhliziyo zabo zibambezelekile (ekwenzeni ukona) futhi bayayifihla inkulumo yangasese labo abayizoni (babuzana bodwa bathi) “ngakube lona akayilutho ngaphandle kokuba ngumuntu onjengani na? Ngakho-ke ngakube nifikelwa ngumlingo kulapho nina nibhekile na?
4. Ithi, “Inkosi yami iyayazi inkulumo esemazulwini nesemhlabeni futhi yona ingezwayo eyaziyo”.
5. Kepha bathi, (iQur’an) ingamaphupho axubene ayimanga, Qha uyakhile, Qha uyimbongi ngakho-ke akasilethele uphawu olufana nalolo olwaluthunyelwe (kubaphrofethi) basendulo”.
6. Alikho idolobha (abantu) esababhubhisa ababekholwa ngaphambilini kwabo, ngakube bona bayakholwa na?
7. Futhi asizange simthumele (umuntu) ngaphambi kwakho ngaphandle kwamadoda esembula kuwona (umyalezo) ngakho-ke buzani abantu besikhumbuzo (abanolwazi) uma nina ningazi.
8. Futhi asibanikezanga imizimba engakudli ukudla futhi asibenzanga ukuthi bahlale ingunaphakade.
9. Sabe sesiqinisekisa kubona isethembiso ngakho-ke sabasindisa kanye nalabo esibathandayo, sababhubhisa abamoshayo.
10. Ngempela sayehlisela phansi kunina incwadi kuyona kunesikhumbuzo senu, ngakube aninamqondo yini na?

***Isigaba sesibili (2)***

11. Futhi mangaki amadolobha esawabhubhisa ayenza okungalungile na? Futhi emva kwawo sabavusa abanye abantu.
12. Ngakho-ke kwathi lapho sebesibona isijeziso sethu kwaba yilapho bona bebaleka kusona.
13. Musani ukubaleka phindelani empilweni yenu enhle enothile enanikuyona nasezindlini zenu ukuze mhlawumbe nibuzwe.
14. Bathi, "Oh! usizi kuthina ngempela thina sasiyizoni".
15. Lokho kukhala kwabo akupheli kuze kube yilapho sibenza ukuba babe njengensimu evuniweyo, efile.
16. Futhi asiwadalanga ngokudlala amazulu nomhlaba kanye nalokho okuphakathi kwako kokubili.
17. Ukube sasithandile ukuthatha isikhathi sokuzilibazisa ngempela sasizosithatha kuthina, uma sasizokwenza (lokho).
18. Qha, siyaliveza iqiniso ukushabalalisa amanga ngakho-ke liyawabhubhisa bheka! (amanga) ayanyamalala futhi okwenu lusizi ngenxa yalokho enikuchazayo.
19. Futhi ungowakhe (ungokaMvelinqangi) noma ngabe ngubani osemazulwini nasemhlabeni futhi noma ngabe ngubani oseduzane naye (izingelosi) azizigabisi ngokumdumisa (zenza lokho eziphoqwayo ukuba zikwenze) futhi azidinwa.
20. (Izingelosi) zimdumisa ubusuku nemini azidembeseli.
21. Noma ngakube bazithathele onkulunkulu emhlabeni abakwaziyo ukuvusa abafile baphile na?
22. Ukube kwakukhona abanye onkulunkulu kukona (emazulwini nasemhlabeni) ngaphandle kukaMvelinqangi ngempela kokubili (amazulu nomhlaba) ayezoba nenxushunxushu, ngakho-ke udumo malube kuMvelinqangi iNkosi yesihlalo sobukhosi (iphakeme) ngaphezu kwalokho abakuchazayo.
23. Akabuzwa ngakwenzayo kepha bona bayobuzwa.
24. Noma bazithathela abanye onkulunkulu esikhundleni sakhe na? Ithi "lethani ubufakazi benu, lesi yisikhumbuzo kulabo

abakanye nami nesikhumbuzo kulabo ababengaphambilini kwami" kepha iningi labo alilazi iqiniso njengoba lifulathela.

25. Futhi asizange sisithumele isithunywa ngaphambilini kwakho ngaphandle kokuthi sembule kusona ukuthi, "akekho onokukhonzwa ngeqiniso ngaphandle kwami ngakho-ke ngikhonzeni".
26. Futhi bathi, "Onomusa unendodana," udumo malube kuye kepha bayizinceku ezihloniphekile.
27. Abakhulumi ngaphambi kokuba akhulume futhi bona benza ngendlela yempoqo yakhe.
28. Uyakwazi lokho okungaphambi okwabo kanye nalokho okungemumva kwabo futhi angeke bakwazi ukuzincengela ngaphandle kwalowo amvumelayo kulapho bona beqhaqhazela ngenxa yokumesaba.
29. Futhi noma ngabe ngubani phakathi kwabo othi, "ngempela mina nguMvelinqangi esikhundleni sakhe ngempela lowo simnika umvuzo oyisihogo, sizinika kanjalo izoni umvuzo".

***Isigaba sesithathu (3)***

30. Ababoni yini labo abangakholwanga ukuthi amazulu nomhlaba kwakuhlangene kuyinto eyodwa sabe sesiyakuhlukanisa futhi sazenza ngamanzi zonke izinto eziphilayo, ngakube abakholwa yini na?
31. Futhi sazenza izintaba zasimama emhlabeni hleze uzamazame nabo futhi sazenza kuwona izindlela ezinkulu ezibanzi ukuze mhlawumbe bakwazi ukuholeleka.
32. Futhi salenza izulu laba nguphahla olugadiwe kulapho bona bezifulathela izimpawu zalo.
33. Futhi nguyena owadala ubusuku nemini nelanga nenyanga konke kuhamba emkhondweni wako.

34. Futhi ngaphambilini kwakho asizange simbekele umuntu impilo eyingunaphakade ngakube uma ufa bazohlala ingunaphakade yini na?
35. Yonke imiphefumulo iyozwa ukufa futhi siyanilinga ngobubi nangobuhle ngendlela yokulinga futhi niyobuyiselwa kuthina.
36. Futhi uma bekubona labo abangakholwanga abenzi lutho ngawe ngaphandle kokukwenza inhlekisa bethi, "ngakube nguyena yini lona okhuluma okubi ngonkulunkulu benu na?" Kulapho bona bengakholelwa ekukhunjulweni konomusa.
37. Umuntu wadalwa ngokushesha, ngizonikhombisa amavesi ami ngakho-ke ningangiceli ukuba ngisheshise.
38. Futhi bathi, "siyofika nini lesisithembiso uma nina ningabaneqiniso na?"
39. Ukube bayazi labo abangakholwanga lapho bengeke bakwazi khona ukuwuphunga umlilo ebusweni babo nasemihlane yabo, futhi bona angeke basizwe.
40. Kepha (ihora) liyofika kubo ngokuzuma liyobakhungatha ngakho-ke angeke babe nawo amandla okulivimba futhi bona angeke banikezwe ithuba.
41. Futhi ngempela zenziwa inhlekisa izithunywa ngaphambilini kwakho, ngakho-ke kwaqiniseka kulabo ababenza inhlekisa phakathi kwabo lokho ababenza ngako inhlekisa.

***Isigaba sesine (4)***

42. Ithi, "ngubani onivikelayo ngaphandle konomusa ebusuku nasemini na?" kepha bona bayaqhelelana nokukhunjulwa kweNkosi yabo.
43. Noma banomunye unkulunkulu obanqabelayo esikhundleni sethu na? Abanamandla okuzisiza bona futhi bona angeke bavikelwe yithina.
44. Kepha labantu sabanikeza injabulo kanye naboyise kwaze kwaba yilapho bandiselwa khona impilo, ngakube ababoni

yini ukuthi siyeza emhlabeni siwunciphise emacaleni awo na? Ngakube bona banganqoba yini na?

45. Ithi, "Kuphela ngiyanexwayisa ngesambulo futhi izithuli azikuzwa ukumenyezwa ngenkathi zexwayiswa".
46. Futhi uma bethintwa inhlupheko encane esijezisweni seNkosi yakho ngempela bangathi, "Oh usizi kuthina! ngempela thina sasiyizoni".
47. Futhi siyobeka isikalo sobulungiswa ngosuku lokuvuka kwabafileyo ngakho-ke awukho umphefumulo oyokwehlulelwa ngokungenabo ubulungiswa futhi uma kukhona okungangesisindo sohlamvu lwemastadi siyoza nakho futhi singabanele ekwahlululeleni.
48. Futhi ngempela samnikeza uMose no-Aroni isimo sokunquma (phakathi kokuhle nokubi) nokukhanya nesikhumbuzo salabo abagwema okubi.
49. Labo abayesabayo iNkosi yabo engabonwayo futhi bona bayalisaba ihora.
50. Futhi lesi isikhumbuzo esibusisiwe esasihlisela phansi ngakube nina niyasiphika yini na?

***Isigaba sesihlanu (5)***

51. Futhi khumbula ngempela samnikeza u-Abrahamu ukuholwa kwakhe ngaphambilini futhi sasazi kahle ngaye.
52. Ngenkathi ethi kuyise nakubantu bakhe "iyini lemifanekiso enizinikele kuyona na?
53. Bathi, "sabafumana obaba bethu beyikhonza (lemifanekiso)".
54. Wathi, "Ngempela nina uqobo lwenu nobaba benu nanisekudukeni okucacile".
55. Bathi, "Ngakube usilethele iqiniso noma wena ungomunye walabo abenza umdlalo na?"

56. (U-Abrahamu) wathi, "Qha! INkosi yenu yiNkosi yamazulu nomhlaba okuyiyona eyawadala futhi mina kulokho ngingomunye walabo abafakazayo".
57. Futhi (ngiyafunga) ngoMvelinqangi ngempela ngizozenzela isu izithixo zenu emva kokuba senifulathele senihambile".
58. Ngakho-ke (u-Abrahamu) waziphihlisa (izithixo) zaba yizicucu ngaphandle kwesikhulu sazo ukuze babuyele kusona (basibuze).
59. (Babuza) bathi, "ngubani owenze lokhu konkulunkulu bethu na? Ngempela yena ungomunye wabangalungile".
60. Bathi "simzwile umfanyana ongu-Abrahamu ekhuluma ngabo".
61. Bathi, "mletheni lapha ngaphambi kwamehlo abantu, ukuze bambone".
62. (Bambuza) bathi, "ngakube nguwena owenze lokhu konkulunkulu bethu Oh Abraham na!?"
63. (U-Abraham) wathi, "Qha okwenzile ilesi (sithixo) esikhulu sazo ngakho-ke zibuzeni (izithixo) uma zikwazi ukukhuluma".
64. Base bephendukela emiphefumulweni yabo base bethi, "ngempela nina uqobo lwenu niyizoni".
65. Base becabanga kabusha (bathi) "ngempela wazile ukuthi izithixo lezi azikhulumi".
66. Wathi "ngakube nikhonza okunye esikhundleni sikaMvelinqangi lokho okunganisizi ngalutho futhi okunganilimazi na?"
67. Okubi phezu kwenu kanye nakulokho enikhonzayo esikhundleni sikaMvelinqangi ngakube aninamqondo yini na?
68. Bathi, "Mshiseni, nelekelele onkulunkulu benu uma nifuna ukwenza (okuthize)".
69. Sathi, "Oh Mlilo! banda, ungabi nobungozi ku-Abrahamu".
70. Futhi babemfunela icebo ngakho-ke sabenza abalahlekelwa ngokwedlulele.

71. Futhi samsindisa kanye noLoti sabaletha ezweni esalibusisa emihlabeni.
72. Futhi samupha u-Isak no-Jakobe njengesipho (indodana yendodana) futhi ngamunye wabo samenza waba ngolungileyo.
73. Futhi sabenza ukuthi babengabaholi abahola ngempoqo yethu futhi sazembula kubona izenzo ezinhle nokwenza umthandazo nokukhokha izakaah (ingxenye yemali ekhokhwa kwabampofu) futhi babeyizikhonzi zethu.
74. Futhi uLothi samnikeza ukwehlulela nolwazi futhi samsindisa edolobheni (ebantwini) ababenza izenzo ezingcolile, ngempela bona babengabantu abangalungile abaphula umthetho.
75. Futhi samngenisa emseni wethu, ngempela yena ungowabalungileyo.

***Isigaba sesithupha (6)***

76. Kanye noNowa khumbula ngenkathi ememeza ngaphambilini ngakho-ke samphendula sabe sesimsindisa kanye nabantu bakhe ebunzimeni obukhulu.
77. Futhi samlekelela ebantwini labo ababephika amavesi ethu ngempela bona babengabantu abangalungile ngakho-ke sabaminzisa bonke.
78. Kanye noDavide noSolomoni ngenkathi bobabili bephika isehlulelo mayelana nensimu ngenkathi kwakudle kuyona izimvu zabantu futhi thina sasingofakazi esinqumweni sabo bobabili.
79. Ngakho-ke samenza uSolomoni khumbula ukuthi asiqonde (lesisimo), futhi ngamunye wabo samnikeza ukwahlulela nolwazi, futhi sazenza izintaba, uDavide kanye nezinyoni ukuthi zidumise (uMvelinqangi) futhi thina sasingabenzi (balokho).

80. Futhi samfundisa ukwenziwa kwezembatho zensimbi zenu ukunivikela ezimpini zenu ngakho-ke ngakube nina ningababongayo yini na?
81. Futhi uSolomoni samnika umoya onamandla ohelezayo ngempoqo yakhe ubheke ezweni okuyilona esalibusisa futhi siyizazi zazo zonke izinto.
82. Futhi phakathi kosathane kunalabo ababemtshuzela futhi benza nomunye umsebenzi ngaphandle kwalowo futhi sasibaqaphele.
83. NoJobe khumbula ngenkathi ememeza iNkosi yakhe (ethi), "ngempela ngithintwe inhlupheko futhi wena ungonomusa ukubedlula bonke abanomusa".
84. Ngakho-ke samphendula sakususa lokho okwakukuyena okuyinhlupheko futhi samnikeza umndeni wakhe kanye nabanjengabo kanye nabo umusa ovela kuthina nesikhumbuzo sezikhonzi (zikaMvelinqangi).
85. No-Ishmayeli no-Idris noDhul Kifl (Isaiah) bonke babengababekezelayo.
86. Futhi sabangenisa emseni wethu, ngempela bona babengabanye babalungileyo.
87. Futhi uDhuh-Nun (uJonah) khumbula ngenkathi ehamba ethukuthele ngakho-ke wacabanga ukuthi angeke simjezise ngakho-ke wamemeza ebumnyameni wathi "akekho omunye uNkulunkulu ngaphandle kwakho, udumo malube kuwe! Ngempela mina bengingomunye wezoni".
88. Ngakho-ke samphendula futhi samsindisa enhluphekweni, futhi sibasindisa kanjalo abakholwayo.
89. NoZakariya khumbula ngenkathi ememeza iNkosi yakhe (ethi) "Nkosi yami! Ungangishiyi ngedwa (ngingenayo ingane) kanti wena ungongcono kunazozonke izindlalifa"
90. Ngakho-ke sawuphendula (umthandazo wakhe) futhi samupha uJohane futhi samenza unkosikazi wakhe wabangolungileyo kuye, ngempela bona babencintisana

ekwenzeni izenzo ezilungileyo futhi basibiza (bathandaza) ngothando nangokwesaba futhi babezithobile ngaphambi kwethu.

91. Futhi lowo owesifazane (uMariya) aqaphela ubumsulwa bakhe, ngakho-ke siphefumulela kuyena ngomoya wethu futhi samenza yena kanye nendodana yakhe (uJesu) uphawu lwemihlaba.

92. Ngempela lena yindlela yenu inkolo eyodwa futhi mina ngiyiNkosi yenu ngakho-ke ngikhonzeni.

***Isigaba sesikhombisa (7)***

93. Futhi balehlukanisa phakathi kwabo udaba lwabo, bonke bayophindela kuthina.

94. Ngakho-ke noma ngabe ngubani owenza izenzo (ezinhle) ezilungileyo futhi kulapho eyikholwa ngakho-ke angeke yenqatshwe imizamo yakhe futhi ngempela singabalobi bakhe.

95. Futhi akuvumelekile edolobheni esalibhubhisa ukuthi bona bangaphindela.

96. Kuze kube bayavulelwa uGog noMagog futhi bona bayoqhamuka kuwona wonke amacala behla.

97. Futhi ngempela sesisondele isethembiso (usuku lokwahlulela), lapho amehlo alabo abangakholwanga ayobe egqolozele (bese bethi), "Oh! usizi kuthina sasingakunakile lokhu kepha sasiyizoni".

98. Ngempela nina kanye nalokho enikukhonzayo esikhundleni sikaMvelinqangi niyoba yizinkuni zokuvuthisa isihogo, nina niyongena kusona.

99. Ukube laba babengonkulunkulu babengeke bangene kusona (isihogo) futhi bonke bayohlala khona ingunaphakade.

100. Okwabo lapho phakathi kuyoba ukuquma futhi bona lapho phakathi bayobe bengezwa.

101. Ngempela labo abathenjiswa ubuhle obuvela kuthina bayobekwa kude naso.
102. Angeke bazwe ngisho nomncane umsindo waso, futhi bona bayohlala ingunaphakade kulokho imiphefumulo yabo ekufisayo.
103. Alubaphathi kabi uvalo olukhulu kakhulu futhi ziyohlangana nabo izingelosi (ziyothi) "Lolu usuku lwenu okuyilona enanithenjiswe lona."
104. Ngosuku lapho siyobe sigoqa amazulu kuyobe kunjengokugoqwa kwamaqeqeba emibhalo njengoba sayisungula indalo yokuqala siyoyiveza kabusha (lesi) isethembiso kuthina ngempela siyokwenza (lokhu).
105. Futhi ngempela sabhala kwiZabur emva kwesikhumbuzo ukuthi umhlaba uyodliwa izinceku zami ezilungileyo.
106. Ngempela kulokhu kunomyalezo ebantwini abayizikhonzi.
107. Futhi asizange sikuthumele ngaphandle kokuba ube ngumusa emihlabeni.
108. Ithi, "kuphela kwembuliwe kumina ukuthi uNkulunkulu wenu nguNkulunkulu oyedwa, ngakube nina nizoba ngabazinikeleyo ngaphansi kwentando kaMvelinqangi na?"
109. Kepha uma befulathela ithi, "nginibizile nonke ngokulinganayo angazi noma kuseduzane noma kukude lokho enethenjiswa kona."
110. Ngempela yena uyayazi inkulumo esobala futhi uyakwazi konke lokho enikufihlayo.
111. Futhi angazi ukuthi kuyisilingo kunina nenjabulo yesikhashana.
112. Wathi, "Nkosi yami yehlulela ngeqiniso futhi iNkosi yethu ingenomusa ekuyiyona usizo lwayo olubhekana nalokho enikuchazayo".

# (22)
# Al-Hajj – uHambo oluya endaweni engcwele

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Oh Bantu! Yesabani iNkosi yenu ngempela ukuzamazama kwehora kuyinto enkulu.
2. Ngosuku lapho niyokubona lokho, bonke abancelisayo bayokhohlwa ilezo zingane abazincelisayo, futhi bonke abesifazane abakhulelwe bayobeletha lokho kwabo abakukhulelwe futhi uyobabona abantu sengathi badakiwe kulapho bona bengadakiwe, kepha isijeziso sikaMvelinqangi sinzima.
3. Futhi phakathi kwabantu kunalowo owenza impikiswano ngoMvelinqangi engenalo ulwazi futhi elandela bonke osathane abangahloniphi.
4. Kunqunyiwe ngaye (usathane) ukuthi noma ngabe ngubani ongumngane wakhe uzomdukisa futhi amholele esijezisweni somlilo.
5. Oh Bantu! uma nisekungabazeni ngokuvuka kwabafileyo ngakho-ke ngempela thina sanidala ngothuli kwase kuba ukuhlangana koketshezi lowesilisa nelowesifazane kwasekuba ingehlule kwasekuba ingesigaxa senyama eyakhekile kanye nengakhekile ukuze sinenzele kucace futhi senza ukuthi lokho esikuthandayo kuhlale ezizalweni kuze kube yisikhathi esinqunyiwe bese sinikhipha niyizingane ukuze nifinyelele esigabeni senu sobudala futhi phakathi kwenu kunabanye abenziwa ukuthi bafe (besebancane) futhi phakathi kwenu kunalabo abaphindiselwa ezingene lokukhula elikhulu kakhulu ukuze angazi emva kokuba wayenolwazi oluthize futhi ubone umhlaba ungugwadule kepha uma sehlisela

phansi kuwona amanzi (imvula) uyavuka ubuyele empilweni futhi ukhukhumale bese uveza zonke izinhlobo ezithandekayo (zokumilayo okungutshani nezihlahla).

6. Lokho kungenxa yokuthi uMvelinqangi uyiqiniso futhi yena uphilisa abafileyo futhi yena ungamele zonke izinto.
7. Futhi ihora liyeza akukho kungabaza ngalo nokuthi uMvelinqangi uyobavusa labo abasemangcwabeni.
8. Futhi phakathi kwabantu kunalowo owenza impikiswano ngoMvelinqangi ngaphandle kolwazi futhi engaholiwe futhi engenayo incwadi ekhanyisayo.
9. Eqhelelana neqiniso ukuze adukise abantu endleleni kaMvelinqangi okwakhe emhlabeni yihlazo futhi ngosuku lokuvuka kwabafileyo siyomenza ukuthi ezwe isijeziso somlilo.
10. Lokho kungenxa yalokho okulethwe yizandla zakho zombili ngaphambili futhi uMvelinqangi akasiyena ongenabulungiswa ezincekwini.

***Isigaba sesibili (2)***

11. Futhi phakathi kwabantu kunalowo okhonza uMvelinqangi ecophelweni ngakho-ke uma ehlelwe okuhle ulapho kanye nako kepha uma isilingo simehlela uyashintsha ebusweni bakhe ulahlekelwe yilomhlaba nempilo ezayo lokho kungukulahlekelwa okusobala.
12. Umemeza (ukhonza) esikhundleni sikaMvelinqangi lokho okungamlimazi kanye nalokho okungamzuzisi lokho kungukuduka okukude le.
13. Umemeza lowo ukulimala kwakhe okuseduzane kakhulu kuyena kunenzuzo yakhe ngempela ngumvikeli omubi futhi ngempela ngumhlanganyeli omubi.
14. Ngempela uMvelinqangi uyobangenisa ezivandeni ekugeleza ngaphansi kwazo imifula labo abakholwayo futhi abenza

izenzo ezinhle ezilungileyo ngempela uMvelinqangi wenza lokho akuthandayo.

15. Noma ngabe ngubani ocabanga ukuthi akasoze uMvelinqangi amlekelele emhlabeni nasempilweni ezayo akadonse intambo eya ezulwini bese eyinqamula bese eyalibona icebo lakhe ukuthi lizokususa yini lokho akuthukuthelelayo na?

16. Futhi kanjalo sawehlisela phansi amavesi acacile futhi ngempela uMvelinqangi uholela (endleleni eqondile) lowo amthandayo.

17. Ngempela labo abakholwayo kanye nalabo abangamaJuda namaSabayi namaKrestu namaMajusi (abakhonzi bezithixo) kanye nalabo abenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni ngempela uMvelinqangi uyokwehlulela phakathi kwabo ngosuku lokuvuka kwabafileyo, ngempela uMvelinqangi ungufakazi phezu kwazo zonke izinto.

18. Awuboni yini ukuthi uMvelinqangi ukhothanyelwa yinoma ngabe ngubani osemazulwini nanoma ngabe ngubani osemhlabeni nelanga nenyanga nezinkanyezi nezintaba nezihlahla nezinhlobonhlobo zezilwane neningi labantu nabaningi esifanelekile kubona isijeziso futhi lowo ohlazwe nguMvelinqangi ngakho-ke akekho ozomhlonipha, ngempela uMvelinqangi wenza lokho akuthandayo.

19. Laba ngabaphikisanayo ababili abaphikisana ngeNkosi yabo, ngakho-ke labo abangakholwayo bayonqunyelwa izingubo zomlilo, amanzi abilayo ayothelwa phezu kwamakhanda abo.

20. Kuyoncitshilikiswa ngawo lokho okuseziswini zabo nezikhumba (zabo).

21. Futhi okwabo kuyoba izagila zensimbi (abayojeziswa ngazo).

22. Okuyothi uma befisa ukuphunyuka kuzona ngenxa yosizi baphindiselwe kuzona futhi kuyothiwa yizwani isijeziso somlilo".

***Isigaba sesithathu (3)***

23. Ngempela uMvelinqangi uyongenisa labo abakholwayo futhi abenza izenzo ezinhle ezilungileyo ezivandeni okugeleza ngaphansi kwazo imifula, lapho phakathi bayohlotshiswa ngezigqizo zegolide nobuhlalu futhi izembatho zabo lapho phakathi kuyoba ngezikasilika.
24. Futhi bayaholelwa enkulumweni enhle (iKalima) futhi baholelwe endleleni yalowo ofanelwe ukudunyiswa.
25. Ngempela labo abangakholwanga futhi bavimba endleleni kaMvelinqangi naseMasjid engcwele okuyiyona esayibekela abantu abahlala kuyona kanye nabaqhamuka ngaphandle bayalingana futhi noma ngabe ngubani othanda ukwenza ukungathembeki ngokona phakathi kuyona simzwisa esijezisweni esibuhlungu.

***Isigaba sesine (4)***

26. Futhi khumbula ngenkathi lapho sikhombisa u-Abrahamu indawo yendlu ukuthi ungangenzeli lutho olungumhlanganyeli ekungikhonzeni futhi indlu yami yihlanzele labo abayizungelezayo nalabo abamele (ukuthandaza) nabakhothamayo nabaguqayo.
27. Futhi memezela kubantu ihajj (uhambo oluya endaweni engcwele) bazoza kuwena behamba ngezinyawo nangawo wonke amakameli, bekhathele (uhambo) beqhamuka kuzona zonke izindawo ezikude.
28. Ukuze babone lokho okungusizo kubona futhi bakhumbule igama likaMvelinqangi ngezinsuku ezikhethiweyo (ezinqunyiweyo) ngaphezu kwalokho ababele kona ezilwaneni eziyizinkomo ngakho-ke dlanini kuzona futhi nondle ohluphekayo ompofu.

29. Bese uyabavumela ukuthi bagcine izenzo zabo futhi ukuze bagcwalise izethembiso zabo futhi ukuze bazungeleze indlu yasendulo.
30. Lokho, futhi noma ngabe ngubani ohlonipha izinto ezingcwele zikaMvelinqangi ngakho-ke lokho kungcono kuyena eNkosini yakhe, futhi zenziwe zaba semthethweni kunina izinkomo ngaphandle kwalezo ezizomenyezelwa kunina ngakho-ke qhelelanani nokungcola kwezithixo futhi qhelelanani nenkulumo eyamanga.
31. Nibe qotho kuMvelinqangi, ningabi ngabamenzela abahlanganyeli ekumkhonzeni futhi noma ngabe ngubani owenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni kunjengokuthi uwe esibhakabhakeni wathathwa yizinyoni zahamba naye noma wathathwa ngumoya wahamba naye wamyisa endaweni ekude.
32. Lokho, futhi noma ngabe ngubani ozihloniphayo izimpawu zikaMvelinqangi ngakho-ke ngempela zona zivela ebuqothweni bezinhliziyo.
33. Okwenu lapho kuzona yizinzuzo kuze kube yisikhathi esinqunyiwe bese indawo yomnikelo kuba yindlu yasendulo.

***Isigaba sesihlanu (5)***

34. Futhi leso naleso sizwe sasenzela izindlela zokukhonza ukuze zikhumbule igama likaMvelinqangi kulokho azabela kona okuyizilwane eziyizinkomo ngakho-ke uNkulunkulu wenu nguNkulunkulu oyedwa, zithobeni ngaphansi kwentando yakhe futhi banike izindaba ezinhle labo abazithobayo.
35. Labo okuthi uma kukhunjulwa uMvelinqangi izinhliziyo zabo zigcwala ukwesaba futhi bangabakubekezelelayo okubehlelayo futhi benza umthandazo futhi basebenzisa kulokho esibaphe kona.

36. Futhi sanenzela amakameli ukuthi abe ngezinye zezimpawu zikaMvelinqangi okwenu lapho ubuhle ngakho-ke khumbulani igama lika Mvelinqangi kuzona (izilwane zomnikelo) uma sezingolayini (zilungele ukwenziwa umnikelo) uma seziwile ngamacala azo (emva kokuba sezihlinziwe) ngakho-ke yidlani kuzona niphe ompofu nocelayo, sinenzele kwaba kanjalo ukuze nibonge.
37. Ayisoze yafinyelela kuMvelinqangi inyama yazo (izilwane zomnikelo) negazi lazo kepha kuyafinyelela kuyena ukwesaba okuvela kunina, kanjalo sizenze ukuthi zinithobele ukuze nidumise uMvelinqangi ngenxa yokunihola kwakhe futhi batshele izindaba ezimnandi abenzi bokuhle.
38. Ngempela uMvelinqangi uyabavikela labo abakholwayo, ngempela uMvelinqangi akamthandi noma ngabe ngubani ongathembekile, ongabongi.

***Isigaba sesithupha (6)***

39. Imvume yokulwa yanikezwa labo ekuliwa nabo ngenxa yokuthi bona benziwa okungenabulungiswa futhi ngempela uMvelinqangi uyakwazi ukubanika usizo.
40. Labo abakhishwa ezindlini zabo ngokungeyisilona iqiniso ngenxa yokuthi bathi “iNkosi yethu nguMvelinqangi” futhi ukube uMvelinqangi akabavimbi abanye babantu ngabanye wawuzobhidlizwa umuzi wamaRoma namasonto namasinagogi namamasjid ekukhunjulwa kuwona igama likaMvelinqangi kakhulu, futhi ngempela uyamsiza uMvelinqangi lowo omsizayo futhi ngempela uMvelinqangi uqatha unamandla.
41. Labo okuthi uma sibazinzisa emhlabeni benze umthandazo bakhokhe izakaah (ingxenye yengcebo ekhokhelwa abampofu) futhi benze izenzo ezinhle banqabele okubi futhi singesikaMvelinqangi isiphetho sezindaba.

42. Futhi uma bekuphika, babaphika ngaphambilini kwabo abantu baNowa naba-Adi nobaThamud.
43. Kanye nabantu ba-Ibrahim nabantu baLothi.
44. Kanye nabahlali baseMidiyane futhi noMose waphikwa ngakho-ke ngabanika ithuba abangakholwayo ngabe sengiyabathatha, ngakho-ke sasinjani isijeziso sami!
45. Mangaki amadolobha esawabhubhisa kulapho wona ayenza ukona uphahla lwawo lwawa kanye nomthombo wamanzi woma kanye nendlu enkulu eyinqaba edephile.
46. Ngakube abazange yini bahambe ezweni ukuze babe nezinhliziyo eziqondayo ngako noma izindlebe abezwa ngazo na? Ngakho-ke ngempela lokho akwenzi amehlo ukuthi angaboni kepha kwenza izinhliziyo ezisezifubeni ukuthi zingaboni.
47. Futhi bakwenza ukuthi usheshise ngesijeziso futhi uMvelinqangi akasoze ehluleke esethembisweni sakhe, futhi ngempela usuku (olulodwa) eNkosini yakho lunjengeminyaka eyinkulungwane kulokho enikubalayo.
48. Futhi mangaki amadolobha engawanika ithuba kulapho wona ayenza ukungalungi ngabe sengiyawathatha, futhi kukumina ukubuyela (kwazo zonke izidalwa).

***Isigaba sesikhombisa (7)***

49. Ithi, "Oh Bantu! Kuphela mina ngingumxwayisi wenu ogqamile".
50. Ngakho-ke labo abakholwayo futhi abenza izenzo ezinhle ezilungileyo okwabo intethelelo nesabelo esihloniphekile.
51. Futhi labo abazabalaza kanzima ukuphikisana namavesi ethu ukuze kungabibikho impumelelo, labo bangabangane besihogo.
52. Futhi asizange sisithumele isithunywa ngaphambilini kwakho ngisho nomphrofethi asimuthumelanga ngaphandle kokuthi

uma eyifunda (iQur'an) usathane uphonsa (okungeyisilona iqiniso) kukona kepha uMvelinqangi uyakususa lokho akuphonsayo usathane bese uMvelinqangi eyawaqinisa amavesi akhe futhi uMvelinqangi unolwazi unobuhlakani.

53. Ukuze enze lokho usathane akuphonsayo kube yisilingo kulabo ezinhliziyweni zabo okunokugula kanye nabanezinhliziyo ezilukhuni futhi ngempela izoni zisekuphikisaneni okukude le.

54. Futhi ukuze bazi labo abanikezwa ulwazi ukuthi yona (iQur'an) iyiqiniso elivela eNkosini yakho ngakho-ke mabakholelwe kuyona ukuze izinhliziyo zabo zizithobe ngaphansi kwakhe futhi ngempela uMvelinqangi ungumholi walabo abakholwayo ebaholela endleleni eqondile.

55. Futhi angeke bayeke labo abangakholwanga ukuba sekungabazeni ngayo kuze kube ihora liyabafikela bengalindele noma bafikelwe isijeziso sosuku lokuvuka kwabafileyo.

56. Ubukhosi ngalolosuku bungobukaMvelinqangi uyokwehlulela phakathi kwabo ngakho-ke abakholwayo futhi abenza izenzo ezinhle ezilungileyo bayokuba sezivandeni zenjabulo.

57. Futhi labo abangakholwanga futhi abaphika amavesi ethu labo-ke okwabo isijeziso esidumazayo.

***Isigaba sesishiyagalombili (8)***

58. Futhi labo abafudukayo endleleni kaMvelinqangi base bebulawa noma bafa ngempela uMvelinqangi uzobabela isabelo esihle futhi ngempela uMvelinqangi ungongcono kunabo bonke ababayo.

59. Ngempela uyobenza ukuthi bangene endaweni yokungena abayoyithokozela futhi ngempela uMvelinqangi ungonolwazi obekezelayo.

60. Lokho, futhi noma ngabe ngubani ophindiselayo ngokufana nalokho ahlushwe ngakho bese ehlushwa okwesibili, ngempela

uMvelinqangi uzomelekelela ngempela uMvelinqangi uyaxolela uyathethelela.

61. Lokho kungenxa yokuthi uMvelinqangi wenza ukuthi ubusuku bungene osukwini futhi wenza ukuthi usuku lungene ebusukwini futhi uMvelinqangi uyezwa uyabona.
62. Lokho kungenxa yokuthi uMvelinqangi uyiqiniso nokuthi abangamemezi omunye esikhundleni sakhe lokho akusilona iqiniso nokuthi uMvelinqangi ungophakeme omkhulu.
63. Awuboni yini ukuthi uMvelinqangi wehlisela phansi amanzi (imvula) evela esibhakabhakeni wabe sewuphenduka umhlaba wabo oluhlaza ngempela uMvelinqangi umnene ungamele konke ngolwazi.
64. Kungokwakhe konke okusemazulwini nakho konke okusemhlabeni futhi ngempela uMvelinqangi yena akaswele lutho ungodunyiswayo.

***Isigaba sesishiyagalolunye (9)***

65. Awuboni yini ukuthi uMvelinqangi wanenzela ukuthi konke okusemhlabeni kunithobele kanye nemikhumbi entweza olwandle ngempoqo yakhe futhi ubambe isibhakabhaka ukuthi singaweli phezu komhlaba ngaphandle kokuba kungemvume yakhe, ngempela uMvelinqangi kubantu unobubele unesihawu.
66. Futhi nguyena owanipha ukuphila wayesenenza ukuthi nife wayesenenza ukuthi niphile ngempela umuntu akabongi.
67. Zonke izizwe sazenzela izindlela zazo zokukhonza ekufanele zenze ngazo ngakho-ke mabangaphikisani nawe odabeni futhi memela eNkosini yakho ngempela wena usekuholweni okuqondile.
68. Futhi uma bephikisana nawe ngakho-ke ithi "uMvelinqangi owazi kangcono ngalokho enikwenzayo".

69. UMvelinqangi uyokwehlulela phakathi kwenu ngosuku lokuvuka kwabafileyo kulokho enaniphikisana ngakho.
70. Awazi yini ukuthi uMvelinqangi uyakwazi konke lokho okusesibhakabhakeni nokusemhlabeni na? Ngempela lokho kusencwadini, ngempela lokho kuMvelinqangi kulula.
71. Futhi bakhonza esikhundleni sikaMvelinqangi lokho okungazange kwehliselwe phansi igunya ngakho kanye nalokho abangenalo ulwazi ngakho futhi abenzi bokungalungile abanamsizi.
72. Futhi uma befundelwa amavesi ethu acacile uyakwazi ukubona ubuso balabo abangakholwanga bunqaba, kusala kancane ukuthi bahlasele labo ababafundela amavesi ethu, ithi "ngakho-ke ngakube kufanele yini nginitshele ngokubi kakhulu kunalokho na?" Umlilo uMvelinqangi awulungiselela labo abangakholwanga futhi okubi (yileso) siphetho.

***<u>Isigaba seshumi (10)</u>***

73. Oh Bantu! nenzelwe isibonelo ngakho-ke silaleleni ngempela labo enibamemezayo (enibakhonzayo) esikhundleni sikaMvelinqangi abakwazi ngisho nokudala impukane ngisho noma ngabe bonke bayakuhlanganisela ukuyidala, futhi uma impukane ithatha okuthize kubona abanawo amandla okukuthatha (lokho) kuyona, akanamandla ocelayo nocelwayo (lokhu kubheke kulowo okhonza isithixo kanye nesithixo uqobo lwaso).
74. Abamnaki uMvelinqangi ngendlela ekufaneleke ukuthi anakwe ngayo ngempela uMvelinqangi unamandla uphakeme ngamandla.
75. UMvelinqangi ukhetha izithunywa ezingelosini kanye nakubantu ngempela uMvelinqangi uyezwa uyabona.

76. Uyakwazi lokho okungaphambi kwabo kanye nalokho okungemumva kwabo futhi ikuMvelinqangi lapho izindaba zibuyiselwa khona.
77. Oh nina enakholwayo! Khothamani niguqe futhi nikhonze iNkosi yenu futhi nenze okuhle ukuze mhlawumbe niphumelele.
78. Futhi muzabalazeleni kanzima uMvelinqangi ukumuzabalazela okuyiqiniso, yena wanikhetha futhi akazange abeke phezu kwenu ubunzima enkolweni, inkolo kayihlo u-Abrahamu, ngaphambilini yena wanibiza ngokuthi ningabazinikeleyo ngaphansi kwentando kaMvelinqangi futhi nakulesi (sambulo) ukuze isithunywa (uMuhammad) sibengufakazi kunina nokuthi nibe ngofakazi kubantu ngakho-ke yenzani umthandazo futhi nikhokhe izakaah (ingxenye yengcebo ekhokhelwa abampofu) futhi nibambelele kuMvelinqangi yena ungumvikeli wenu ngakho-ke ungumvikeli omnene nomsizi omnene.

INGXENYE 18

# (23)
# Al-Mu'minun – Amakholwa

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa, onesihawu*

1. Aphumelele ngempela amakholwa.
2. Lawo okuyiwona azithobayo emthandazweni yawo.
3. Kanye nalawo aqhelelana nenkulumo eyize.
4. Kanye nalawo akhokha izakaah (ingxenye yengcebo ekhokhwa kwabampofu ).
5. Kanye nalawo agcina izitho zawo zangasese.
6. Ngaphandle kwamakhosikazi awo noma labo abasezandleni zabo zangakwesokudla (izigqila) ngakho-ke ngempela bona abayibona abasolwa.
7. Ngakho-ke noma ngabe ngobani abafuna ngale kwalokho labo bayizaphula mthetho.
8. Kanye nalabo abathembekile kulokho abagciniswe kona nabagcina izethembiso zabo.
9. Kanye nalabo abagcina imithandazo yabo.
10. Yibona labo abayizindlalifa.
11. Labo abayoba yizindlalifa zezulu bona bayohlala khona ingunaphakade.
12. Futhi ngempela samdala umuntu ngengxenye ethize yomhlabathi.
13. Sabe sesimenza ngeconsi lesidoda (ngokuhlangana komuntu wesilisa nowesifazane) sambeka endaweni evikelekile.
14. Sabe sesidala iconsi lesidoda ukuthi libe yihlule sabe sesidala isigaxa senyama sabe sesidala amathambo ngesicubu senyama sabe sesiwamboza amathambo ngenyama sabe sesikukhulisa kungesinye isidalwa ngakho-ke uMvelinqangi ubusisekile ungongcono ukubedlula bonke abadalayo.

15. Besekuthi ngempela nina emva kwalokho niyafa.
16. Bese ngempela nina ngosuku lokuvuka kwabafileyo niyavuswa.
17. Futhi ngempela ngaphezu kwenu sazidala izindlela eziyisikhombisa (amazulu ayisikhombisa) futhi akuyikhona ukuthi indalo asiyinakile.
18. Futhi sehlisela phansi amanzi (imvula) evela esibhakabhakeni ngendlela efanele sabe sesiyizinzisa emhlabathini futhi ngempela sinawo amandla okuyiqeda (imvula).
19. Ngakho-ke sanikhulisela ngayo izivande zamasundu nezamagilebhisi, okwenu lapho phakathi yizithelo eziningi futhi enizidlelayo kuzona.
20. Kanye nesihlahla esimila entabeni isinayi esiveza amafutha nesinongo kwabadlayo.
21. Futhi ngempela kunesifundo kunina ezinkomweni siniphuzisa kulokho okuseziswini zazo futhi okwenu kuzona inzuzo eningi kakhulu futhi nidle inyama yazo.
22. Futhi phezu kwazo naphezu kwemikhumbi niyathwalwa.

***Isigaba sesibili (2)***

23. Futhi ngempela samthumela uNowa ebantwini bakhe wayesethi "Oh bantu bami! Khonzani uMvelinqangi aninaye omunye uMvelinqangi ngaphandle kwakhe, ngakube aninako yini ukwesaba na?"
24. Kepha abaholi balabo abangazange bakholwe phakathi kwabantu bakhe bathi, "akayilutho ngaphandle kokuba ngumuntu ofana njengani nje ufisa ukuba ngaphezu kwenu, futhi ukube uMvelinqangi wayethanda wayezohlisela phansi izingelosi, asikaze sizwe ngalokhu ngisho nakobaba bethu basendulo".
25. Yena akayilutho ngaphandle kokuba ngumuntu onokuhlanya nje ngakho-ke mbekezeleleni okwesikhashana.

26. (uNowa) wathi, "Nkosi yami ngelekelele ngenxa yokungiphika kwabo".
27. Ngakho-ke sembula kuyena "akha umkhumbi ngaphambi kwamehlo ethu nangaphansi kwesambulo sethu ngakho-ke uma kufika impoqo (umyalelo) wethu amanzi aphuma kuhavini ngenisa kuwona (umkhumbi) zonke izinhlobonhlobo (zezilwane) ezingambili kanye nomndeni wakho ngaphandle kwalabo phakathi kwabo osekudlule izwi futhi ungakhulumi nami ngalabo abenza ukona ngempela bona bangabaminziswa".
28. Ngakho-ke uma sewugibelile emkhunjini wena kanye nalabo abakanye nawe uze uthi, "udumo lungolukaMvelinqangi okunguyena owasisindisa abantwini abayizoni".
29. Futhi uthi, "Nkosi yami ngehlisele endaweni yokwehlela ebusisekile futhi wena ungongcono kunabo bonke abehlisi".
30. Ngempela kulokho kunezimpawu futhi ngasosonke isikhathi siyabavivinya (abantu).
31. Sabe sesidala isizukulwane esisha emva kwabo.
32. Ngakho-ke sathumela phakathi kwabo isithunywa esiphuma phakathi kwabo ukuthi khonzani uMvelinqangi, aninaye omunye uMvelinqangi ngaphandle kwakhe, ngakube aninako yini ukwesaba na?

## Isigaba sesithathu (3)

33. Futhi abaholi babantu bakhe labo abengakholwa futhi ababephika ukuhlangana empilweni ezayo futhi esabanika ubuntofontofo empilweni yalomhlaba bathi, "lona akayilutho ngaphandle kokuba ngumuntu nje ofana njengani odla kulokho nani enidla kukona futhi ophuza kulokho nani eniphuza kukona".
34. Futhi uma nihlonipha umuntu ofana njengani ngempela nina ningabalahlekelweyo.

35. Ngakube uyanethembisa yini ukuthi nina uma nifa futhi niba nguthuli namathambo niyovuswa (kabusha) na?
36. Kukude, kude le! Lokho enethenjiswa kona.
37. Akuyilutho ngaphandle kwempilo yethu yalomhlaba siyafa siphile futhi thina angeke sivuswe.
38. Akayilutho ngaphandle kokuba yindoda eqambela uMvelinqangi amanga futhi thina angeke simkholwe.
39. Wathi "Nkosi yami ngelekelele ngenxa yokuphika kwabo".
40. Wathi "esikhathini esincane nje ngempela bazobe sebezisola".
41. Ngakho-ke bathathwa ngumsindo ewesabekayo (isijeziso) sangempela sabe sesibenza ize leze ngakho-ke mabaqhele abantu abayizoni.
42. Sabe sesivusa ezinye izizukulwane emva kwabo.
43. Asikho isizwe esingasisheshisa isikhathi saso noma sisihlehlise.
44. Sabe sesithumela izithunywa zethu esinye emva kwesinye ngasosonke isikhathi uma isizwe sifikelwa isithunywa saso sasisiphika ngakho-ke salandelanisa abanye babo ngabanye futhi sabenza ukuthi babe ngumlando nesifunda ngakho-ke mabaqhele (mabaphele) abantu abangakholwa.
45. Sabe sesithumela uMose kanye nomfowabo u-Aroni nezimpawu zethu negunya elicacile.
46. KuFaro nabaholi bakhe ngakho-ke bazigqaja futhi babengabantu abaziphakamisileyo.
47. Base bethi "singakholelwa ebantwini ababili abafana njengathi kulapho abantu babo bobabili bethobela intando yethu na?"
48. Ngakho-ke babaphika bobabili base bebangabanye balabo ababhujiswa.
49. Futhi ngempela samnikeza uMose incwadi ukuze baholeke.
50. Futhi sayenza indodana kaMariya kanye nonina ukuthi babenguphawu futhi bobabili sabanika indawo yokuhlala ephakeme yokuphumula eyigeleza amanzi.

***Isigaba sesine (4)***

51. Oh nina zithunywa! dlanini ezintweni ezinhle futhi nenze okuhle okulungileyo ngempela mina ngiyisazi salokho enikwenzayo.
52. Futhi ngempela lesizwe senu yisizwe esisodwa futhi mina ngiyiNkosi yenu ngakho-ke ngesabeni.
53. Kepha balehlukanisa udaba lwabo phakathi kwabo (kwaba noqhekeko) babangamaqembu, wonke amaqembu akuthokozela lokho ayekukona.
54. Ngakho-ke bayeke besephutheni ekudukeni kuze kube yisikhathi (esinqunyiweyo).
55. Ngakube bacabanga ukuthi sibandisela ingcebo nabantwana.?
56. Sibasheshisela ezintweni ezinhle?, kepha ababoni.
57. Ngempela labo abahlala besovalweni ngenxa yokwesaba iNkosi yabo.
58. Kanye nalabo abakholelwa emavesini eNkosi yabo.
59. Kanye nalabo abangayenzeli iNkosi yabo abahlanganyeli ekuyikhonzeni.
60. Kanye nalabo abaphanayo ngalokho abaphana ngakho kulapho izinhliziyo zabo zigcwele ukwesaba ukuthi bona baqinisekile ukubuyela eNkosini yabo.
61. Bayilabo abaphuthuma emisebenzini emihle futhi bona bayancintisana ngayo.
62. Futhi umphefumulo asiwethwesi umthwalo ongaphezu kwamandla awo ngaphandle kokuwulingene futhi kuthina kunencwadi ekhuluma iqiniso futhi bona abenziwa okungenabulungiswa.
63. Kepha izinhliziyo zabo zimboziwe mayelana nalokhu futhi okwabo izenzo ezingale kwalokho bona abakwenzayo.
64. Kuze kube yilapho sibabamba ngesijeziso labo abaphila impilo entofontofo phakathi kwabo bheka! Bona bayazehlisa bayakhala bacela usizo.

65. Musani ukukhala namhlanje ngempela nina aninasizo oluvela kuthina.
66. Ngaphambilini nanifundelwa amavesi ami kepha nanijwayele ukuwafulathela ngezithende zenu.
67. Ngokuziqhenya nichitha ubusuku nikhuluma okubi ngawo.
68. Ngakube abadlinzi yini ngezwi na? Noma ngakube kwabafikela lokho okungazange kufike kobaba babo basendulo yini na?
69. Noma ngakube abazange basazi yini isithunywa sabo ukuthi bangaze basiphike na?
70. Noma bakhuluma ngaso bathi siyahlanya na? Kepha sabafikela neqiniso futhi iningi labo liyalizonda iqiniso.
71. Futhi uma iqiniso (u-Allah) lingalandela izifiso zabo, amazulu nomhlaba kwakuzokonakala, nanoma ngabe ngubani okhona kuwona. Kepha sabanika isikhumbuzo sabo babe sebeyasifulathela isikhumbuzo sabo.
72. Noma ngakube ubacela umvuzo yini na? Kepha umvuzo weNkosi yakho muhle ungcono futhi yona ingcono kakhulu kunabo bonke abondli.
73. Futhi ngempela wena ubamemela endleleni eqondile.
74. Futhi ngempela labo abangakholelwa empilweni ezayo ngempela basekuphambukeni endleleni.
75. Futhi noma ngabe sasibe nomusa kubona futhi sayisusa inhlupheko abanayo ngempela babezoqhubeka nokona bephuphutheka.
76. Futhi ngempela sababamba ngesijeziso kepha abazange bazehlise eNkosini yabo futhi abazange bazithobe.
77. Kwaze kwaba yilapho sesibavulela isango lesijeziso esinzima kulapho bona bephelelwe yithemba lapho.

***Isigaba sesihlanu (5)***

78. Futhi nguyena owanenzela amadlebe namehlo kanye nezinhliziyo, kuncane enikubongayo.

79. Futhi nguyena owanidalayo emhlabeni futhi niyoqoqelwa kuye.
80. Futhi nguyena ophilisayo nodala ukufa futhi kungokwakhe ukushintshana kobusuku nemini ngakube aninamqondo yini na?
81. Kepha bakusho okufana nalokho okwashiwo abasendulo.
82. Bathi, "uma sifile siwuthuli namathambo ngakube ngempela siyovuswa yini na?"
83. Ngempela sethenjiswa lokhu thina kanye nabobaba bethu ngaphambilini lokhu akuyilutho ngaphandle kokuthi kuyizinganekwane zasendulo.
84. Ithi, "ungokabani umhlaba kanye nalabo abakuwo uma kungukuthi nina niyazi na?"
85. Bayothi "ungokaMvelinqangi" ithi, "ngakube anikhumbuli yini na?"
86. Ithi, "ngubani iNkosi yamazulu ayisikhombisa neNkosi yesihlalo sobukhosi esikhulu na?"
87. Bayothi, "kungokukaMvelinqangi" ithi "ngakube animesabi yini uMvelinqangi na?"
88. Ithi, "lowo esandleni sakhe okunombuso wezinto zonke futhi yena uyavikela akekho ongazivikela kuyena, uma kungukuthi nina niyazi".
89. Bayothi, "kungokukaMvelinqangi" ithi, "ngakho-ke ngakube nididekile yini na?"
90. Kepha sibalethele iqiniso futhi ngempela bona bangabaqambi bamanga.
91. UMvelinqangi akazange abe nendodana futhi akekho omunye uMvelinqangi okanye naye (ukube babebaningi oMvelinqangi) lowo nalowo Mvelinqangi ngempela wayezothatha akudalile futhi abanye babo babezozama ukunqoba abanye, odunyiswayo nguMvelinqangi ngaphezu kwako konke lokho abakuchazayo.

92. Uyisazi sokungabonwayo nokubonwayo uphakeme ngaphezu kwako konke lokho abamenzela ngako abahlanganyeli ekumkhonzeni (izithixo).

***Isigaba sesithupha (6)***

93. Ithi, "Nkosi yami uma ungangikhombisa lokho abathenjiswe kona".
94. Nkosi yami ungangibeki ebantwini abangalungile.
95. Futhi ngempela thina sinawo amandla okukukhombisa lokho esathembisa kona.
96. Vimba okubi ngalokho okuhle kakhulu, thina siyakwazi ukubedlula bonke lokho abakuchazayo.
97. Futhi ithi, "Nkosi yami ngifuna isiphephelo kuwena ekubalekeleni ububi bukasathane".
98. Futhi ngifuna isiphephelo kuwena Nkosi yami hleze beze kumina.
99. Kuze kube yilapho oyedwa wabo efikelwa ukufa athi "Nkosi yami ngiphindisele emumva".
100. Ukuze ngikwazi ukwenza okuhle kulokho engakushiya ngemumva, lutho! Igama nje kuphela alishoyo futhi ngemumva kwabo kunothango kuze kube usuku abayovuswa ngalo.
101. Kuyothi uma sekushawa icilongo akuyikuba khona ubuhlobo phakathi kwabo ngalolosuku futhi angeke babuzwe omunye ngomunye.
102. Ngakho-ke noma ngabe ngubani eziyosinda izikalo zakhe (zezenzo ezinhle) ngakho-ke labo bayilabo abaphumeleleyo
103. Futhi noma ngabe ngubani eziyobalula izikalo zakhe (zezenzo ezinhle) ngakho-ke labo bayilabo abalahlekelwa imiphefumulo yabo bayohlala esihogweni ingunaphakade.
104. Umlilo uyoshisa ubuso babo futhi bona lapho phakathi bayokoniwa ubuhle.

105. Anizange yini nifundelwe amavesi ami kulapho nina naniwaphika na?
106. Bayothi, "Nkosi yethu kwasinqoba okubi (ukuhlupheka) kwethu futhi sasingabantu abadukile".
107. Nkosi yethu sikhiphe kukona ngakho-ke uma siphindela kuyobe ngempela singabangalungile.
108. Uyothi (uMvelinqangi) salelani kusona futhi ningakhulumi nami.
109. Ngempela kwakuneqembu ezincekwini zami elathi, "Nkosi yethu sakholwa ngakho-ke sithethelele futhi yiba nomusa kuthina futhi wena ungongcono kunabo bonke abanomusa".
110. Kepha nina nabenza inhlekisa kwaze kwaba yilapho benenza ukuthi nikhohlwe isikhumbuzo sami futhi nina nanibahleka.
111. Ngempela mina ngibanike umvuzo kulolusuku ngokubekezela kwabo ngempela bona bangabaphumeleleyo.
112. Uyothi, "Nahlala iminyaka emingaki emhlabeni na?"
113. Bayothi, "sahlala usuku noma ingxenye yosuku ngakho-ke buza labo ababalayo".
114. Uyothi, "anihlalanga ngaphandle kwesikhathi esincane ukube nje nina benazi".
115. Ngakube nicabanga ukuthi sanidalela ubala nokuthi nina angeke nibuyiselwe kuthina na?
116. Ngakho-ke makaphakanyiswe uMvelinqangi iNkosi yeqiniso akekho omelwe ukukhonzwa ngaphandle kwakhe, iNkosi yesihlalo sobukhosi esihloniphekile.
117. Futhi noma ngabe ngubani omemeza omunye uNkulunkulu esikhundleni sikaMvelinqangi akanabufakazi ngalokho, ngakho-ke kuphela ukwehlulelwa kwakhe kuseNkosini yakhe ngempela izoni angeke ziphumelele.
118. Futhi ithi "Nkosi yami thethelela, yiba nomusa futhi wena ungongcono kunabo bonke abanomusa".

# (24)
# Al-Nur-uKukhanya

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. (Lesi) yisahluko esasehlisela phansi sasenza sabayisibopho futhi sembulile kusona amavesi acacile ukuze nikhumbule.
2. Isiphingi sesifazane nesiphingi sesilisa bhaxabulani ngamunye wabo bobabili imivimbo eyikhulu, ningavumeli ukuthi nibe nesihe mayelana nabo bobabili esijezisweni senkolo kaMvelinqangi uma nina nikholelwa kuMvelinqangi nasosukwini lokugcina, futhi iqembu labakholwayo mabasibone isijeziso sabo bobabili.
3. Isiphingi sesilisa asishadi ngaphandle kokuthi sishade nesiphingi sesifazane noma isikhonzi sesithombe sesifazane nesiphingi sesifazane akekho oyoshada nabo bobabili ngaphandle kwesiphingi sesilisa nesikhonzi sesithombe sesilisa futhi kwenqatshelwe lokho kwabakholwayo.
4. Futhi labo ababeka icala abesifazane abamsulwa bese bengabalethi ofakazi abane ngakho-ke bashayeni imivimbo engamashumi ayisishiyagalombili futhi ningabemukeli ubufakazi babo futhi labo bangabangahloniphi.
5. Ngaphandle kwalabo abazisolayo emva kwalokho futhi benze izenzo ezinhle ezilungileyo ngakho-ke ngempela uMvelinqangi uyathethelela unomusa.
6. Futhi labo ababeka icala amakhosikazi abo futhi bengenabo ofakazi ngaphandle kwemiphefumulo yabo ngakho-ke makafakaze kane ngoMvelinqangi ngempela yena ungowalabo abakhuluma iqiniso.
7. Futhi okwesihlanu ukuthi isiqalekiso sikaMvelinqangi sibe phezu kwakhe uma engomunye wabaqamba amanga.

8. Futhi siyoqhelelaniswa naye owesifazane isijeziso uma efakaza ngoMvelinqangi izikhathi ezine ukuthi ngempela owesilisa ungowabaqamba amanga.
9. Futhi okwesihlanu ukuthi intukuthelo kaMvelinqangi ibe phezu kwakhe owesifazane uma (owesilisa) engowabakhuluma iqiniso.
10. Futhi ukube babungekho ububele bukaMvelinqangi phezu kwenu kanye nomusa wakhe futhi uMvelinqangi wemukela ukuzisola unobuhlakani.

***Isigaba sesibili (2)***

11. Ngempela labo abeze namanga bayiqembu eliphuma phakathi kwenu ningakuthathi ngokuthi kuyinto embi kunina, kepha kona kungcono kunina kubona bonke abantu phakathi kwabo yilokho akusebenzele okuyisono. Futhi lowo phakathi kwabo onengxenye enkulu kukona okwakhe isijeziso esikhulu.
12. Kungani uma senikuzwile lokho abakholwayo besilisa nabesifazane bangabacabangeli okuhle abantu babo futhi bathi, "lokhu kungamanga acacile yini na?"
13. Kungani bengalethanga kuyena ofakazi abane na? Ngakho-ke uma bengabalethi ofakazi kusho ukuthi bona kuMvelinqang bangabaqambi bamanga.
14. Futhi ukube babungekho ububele bukaMvelinqangi phezu kwenu nomusa wakhe kulomhlaba nasempilweni ezayo ngempela isijeziso esikhulu sasizonithinta ngenxa yalokho enikushilo.
15. Khumbula ngenkathi nikwemukela ngezilimi zenu futhi nikhuluma ngemilomo yenu lokho eningenalwazi ngakho nikuthatha njengento elula kulapho kuMvelinqangi kuyinto enkulu.

16. Futhi kwenziwa yini ngenkathi nikuzwa nithi "Akusifanele ukuthi singakhuluma ngalokhu, udumo lungolwakho (Mvelinqangi) lokhu kuyisihlebo esikhulu".
17. UMvelinqangi uyaniyala ngokuthi ningaphindeli kokufana nako uma kungukuthi nina ningamakholwa.
18. Futhi uMvelinqangi uyanicacisela amavesi, futhi uMvelinqangi uyazi unobuhlakani.
19. Ngempela labo abathanda ukudlulisela okubi kulabo abakholwayo okwabo yisijeziso esibuhlungu kulomhlaba nasempilweni ezayo futhi uMvelinqangi uyazi nina anazi.
20. Futhi ukube babungekho ububele bukaMvelinqangi phezu kwenu kanye nomusa wakhe, futhi uMvelinqangi umnene unesihawu.

***Isigaba sesithathu (3)***

21. Oh nina enikholwayo! ningazilandeli izinyathelo zikasathane futhi noma ngabe ngubani olandela izinyathelo zikasathane ngakho-ke ngempela yena wenza okubi nokungalungile futhi ukube babungekho ububele bukaMvelinqangi phezu kwenu nomusa wakhe, akekho ngisho noyedwa wenu owayezobamsulwa, kepha uMvelinqangi wenza noma ngabe ngubani amthandayo ukuthi abemsulwa futhi uMvelinqangi uyezwa uyazi.
22. Futhi abangafungi labo abanikwe ububele phakathi kwenu nengcebo ukuthi bangabanika (usizo) abayizihlobo, abampofu kanye nabashiya amakhaya abo baye endleleni kaMvelinqangi kufanele bathethelele futhi bakhohlwe anithandi yini ukuthi uMvelinqangi anithethelele na? Futhi uMvelinqangi uyathethelela unesihawu.
23. Abesifazane ababi bangabamadoda amabi, futhi amadoda amabi angabesifazane ababi, futhi abesifazane abahle

bangabangamadoda amahle, futhi amadoda amahle angabesifazane abahle.

24. Ngosuku lapho izilimi zabo, izingalo zabo kanye nezinyawo zabo ziyobe zifakaza maqondana nabo mayelana nababekwenza.

25. Ngosuku lapho uMvelinqangi eyobakhokhela umvuzo wabo oyiqiniso ngokugcwele futhi bayokwazi ukuthi uMvelinqangi uyiqiniso elicacile.

26. Amagama amabi angawamadoda (noma angawabantu ababi) nabantu ababi bangabamagama amabi, namagama amahle angawabantu abahle nabantu abahle bangabamagama amahle, labo bamsulwa kulokho abakushoyo okwabo yintethelelo nesabelo esihloniphekile.

### Isigaba sesine (4)

27. Oh nina enikholwayo! ningabongena ezindlini ekungeyizona izindlu zenu kuze kube nicela imvume yokungeni futhi nibingelele izihlali zazo, lokho kungcono kunina ukuze mhlawumbe nikhumbule.

28. Uma ningafici ngisho noyedwa phakathi (ezindlini) ngakhoke ningangeni kuzona kuze kube ninikezwa imvume (yokungena) futhi uma kuthiwa kunina phindelani emumva phindelani emumva phindelani lokho kumsulwa kakhulu kunina futhi uMvelinqangi uyazi ngalokho enikwenzayo.

29. Akusilona icala kunina ukungena ezindlini ekungahlalwa kuzona ekunezinto zenu khona, futhi uMvelinqangi uyakwazi lokho enikuvezayo kanye nalokho enikufihlayo.

30. Batshele abakholwayo besilisa ukuthi abazothise amehlo abo futhi bagcine izitho zabo zomzimba zangasese, lokho kumsulwa kakhulu kubona, ngempela uMvelinqangi uyazi ngalokho abakwenzayo.

31. Futhi batshele abakholwayo besifazane ukuthi abazothise amehlo abo futhi bagcine izitho zabo zomzimba zangasese

futhi bangabuvezi ubuhle babo ngaphandle kwalokho okuvelayo kubona futhi mabamboze imiqala yabo kuze kufinyelele ezifubeni zabo futhi mabangabuvezi ubuhle babo ngaphandle kokubuveza kubayeni babo noma koyise noma koyise babayeni babo noma emadodaneni abo noma emadodaneni abayeni babo noma kubafowabo noma emadodaneni abafowabo noma emadodaneni odadewabo noma kwabesifazane babo noma kulabo abasezandleni zabo abesifazane ezingakwezokudla noma abalandeli abantu besilisa abangenayo imizwa ngomuntu wesifazane noma ezinganeni ezingazi lutho ngezitho zomzimba zangasese zabesifazane futhi mabangahambi ngezinyawo zabo ngendlela ezokwenza ukuthi kuzwakale lokho abakufihlile ebuhleni babo futhi nonke nina makholwa phendukelani kuMvelinqangi ukuze niphumelele.

32. Futhi shadani nalabo phakathi kwenu abangashadile nabalungileyo ezincekwini zenu kanye nezisebenzi zenu zesifazane, uma bempofu uzobanothisa uMvelinqangi ngomusa wakhe futhi uMvelinqangi ungamele konke uyisazi.

33. Futhi labo abangazitholi izindlela zokushada mabazigcine bemsulwa kuze kube uMvelinqangi uyabanothisa ngomusa wakhe futhi labo phakathi kwalabo abasezandleni zenu zangakwezokudla (izigqila) uma zifuna umbhalo (wokukhululeka kwazo) zibhaleleni futhi uma nibubona ubuhle kuzona zipheni engcebweni okuyiyona uMvelinqangi anipha kuyona futhi ningaziphoqeleli izigqila zenu ezingamantombazane ebufebeni, uma zifisa ukuhlala zimsulwa ukuze zizuze izinto zempilo yalomhlaba futhi noma ngabe ngubani oziphoqelelayo izigqila eziyisifazane ngakho-ke ngempela uMvelinqangi emva kokuphoqelelwa kwazo izigqila zabesifazane uyathethelela unesihawu.

34. Futhi ngempela sawehlisela phansi kunina amavesi acacile kanye nesibonelo kulabo asebadlula ngaphambilini kwenu kanye nokukhuzwa kwalabo abesaba uMvelinqangi.

***Isigaba sesihlanu (5)***

35. UMvelinqangi ungukukhanya kwamazulu nomhlaba umfanekiso wokukhanya kwakhe kunjengengosi ekukhanya kuyo isibani (isibani esisengilazini), ingilazi efana nenkanyezi ecwazimulayo ngokugqamile sokhelwe esihlahleni esibusiswe, somhlwathi (som uOlivi) kungesisona saseMpumalanga futhi kungesisona saseNtshonalanga amafutha aso acishe akhanye futhi nakuba umlilo ungawathinti ukukhanya phezu kokukhanya, uMvelinqangi uholela ekukhanyeni kwakhe noma ngabe ngubani amthandayo futhi uMvelinqangi wenzela abantu izibonelo futhi uMvelinqangi uyisazi sazo zonke izinto.
36. Ezindlini uMvelinqangi anikeza igunya ukuba ziphakanyiswe futhi kukhunjulwe igama lakhe kuzona, bamdumisa ekuseni nakusihlwa.
37. Abantu abangaphanjukiswa ukuhweba nokuthengisa enkumbulweni kaMvelinqangi nasekwenzeni umthandazo nasekukhokheni izakaah (ebantwini abampofu) basaba usuku okuyophendulwa ngalo izinhliziyo namehlo.
38. Ukuze uMvelinqangi abanike umvuzo omuhle kakhulu wakona konke lokho ababekwenza futhi abandisele emseni wakhe futhi uMvelinqangi wabela noma ngabe ngubani amthandayo ngaphandle kwesilinganiso.
39. Futhi labo abangakholwanga, imisebenzi yabo injengenkohliso yasogwadule lapho kuvela emehlweni omuntu ohambayo okungathi amachibi amanzi kube kungekho lutho, onxaniwe ucabanga ukuthi ngamanzi kuze kube yilapho uma efika eduze kwayo (inkohliso) angatholi lutho kepha athole uMvelinqangi ekanye naye bese emkhokhela okungokwakhe futhi uMvelinqangi uyashesha ekwahluleleni.
40. Noma njengobumnyama olwandle olujulile lapho embozwa khona ngamagagasi ngaphezulu kwamagagasi kunamafu

amnyama amanye awo angaphezu kwamanye uma elula isandla sakhe kusala kancane angasiboni futhi noma ngabe ngubani uMvelinqangi angamenzeli ukukhanya angeke aze abenako ukukhanya.

***Isigaba sesithupha (6)***

41. Awuboni yini ukuthi uMvelinqangi udunyiswa yibona bonke abasemazulwini nabasemhlabeni kanye nezinyoni ezinamaphiko alulekile na? Konke kuyawazi umthandazo wakhe nendumiso yakhe futhi uMvelinqangi uyisazi saloko abakwenzayo.
42. Futhi ungokaMvelinqangi umbuso wamazulu nomhlaba futhi ikuMvelinqangi lapho kuyophindelwa khona.
43. Awuboni yini ukuthi uMvelinqangi uyawahambisa amafu bese eyawaqoqa awanqwabele ndawonye bese ubona imvula iphuma phakathi kuwona na? Futhi wehlisela phansi okuphuma esibhakabhakeni okuyizintaba (zamafu) okuphuma kuzona isichotho ashaya ngaso noma ngabe ngubani amthandayo futhi asiqhelelanise kunanoma ngabe ngubani amthandayo. Ukushaya kombani kucishe kuthathe ukubona.
44. UMvelinqangi wenza ukuthi ubusuku nemini buguquguquke ngempela kuloko kunesifundo ebantwini ababonayo.
45. Futhi uMvelinqangi wadala zonke izidalwa ezinyakazayo ngamanzi ezinye zazo yilezo ezikhasa ngezisu zazo futhi ezinye zazo yilezo ezihamba ngezinyawo ezimbili, ezinye zazo yilezo ezihamba ngezine. UMvelinqangi udala lokho akuthandayo, ngempela uMvelinqangi uyakwazi ukwenza zonke izinto.
46. Ngempela sawembula amavesi acacile futhi uMvelinqangi uholela endleleni eqondile noma ngabe ngubani amthandayo.

47. Futhi bathi, "sakholwa kuMvelinqangi nasesithunyweni futhi sahlonipha" ingxenye phakathi kwabo yabe seyiyafulathela emva kwalokho futhi labo abayibona abakholwayo.
48. Futhi uma bemenyelwa kuMvelinqangi nasesithunyweni sakhe ukuze ehlulele phakathi kwabo bheka! Ingxenye yabo iphendukela emumva.
49. Uma iqiniso lingasohlangothini lwabo bazoza kuyena ngokuzinikela.
50. Ngakube ezinhliziyweni zabo kunesifo na? Noma ngakube basekungabazeni yini na? Noma besaba ukuthi uMvelinqangi nesithunywa sakhe bangase bangabi nobulungiswa kubona, Qha yibona uqobo abayizoni.

## *Isigaba sesikhombisa (7)*

51. Kuphela okwakushiwo abakholwayo uma bemenyelwa kuMvelinqangi nasesithunyweni sakhe ukuze ehlulele phakathi kwabo ukuthi bathi, "sizwile futhi salalela futhi labo bayilabo abaphumelelayo".
52. Futhi noma ngabe ngubani ohlonipha uMvelinqangi nesithunywa sakhe futhi esaba uMvelinqangi futhi egwema okubi kuyena ngakho-ke labo bayilabo abaphumeleleyo.
53. Futhi bafunga ngoMvelinqangi izifungo zabo ezinzima, bathi uma ubaphoqa bazophuma ithi, "musani ukufunga inhlonipho yenu iyaziwa ngempela uMvelinqangi wazi kabanzi ngalokho enikwenzayo".
54. Ithi, "hloniphani uMvelinqangi futhi nihloniphe isithunywa kepha uma nifulathela kuphela okwaso ngumthwalo obekwe kusona futhi okwenu ngumthwalo obekwe phezu kwenu futhi uma nisihlonipha (isithunywa) niyobe niholeke ngendlela eqondile futhi awukho umsebenzi ophezu kwesithunywa ngaphandle kokudlulisela umyalezo ngendlela ecacile.

55. UMvelinqangi wathembisa labo phakathi kwenu abakholwa futhi abenza izenzo ezinhle ezilungileyo ukuthi uzobenza babengabaholi emhlabeni njengoba wabenza babangabaholi labo ababengaphambilini kwabo futhi ngempela abasimamisele inkolo yabo okuyiyona abakhethela yona futhi ngempela uyobashintshela ngokuphepha emva kokwesaba kwabo mabangikhonze bangangenzeli ngalutho abahlanganyeli ekungikhonzeni futhi noma ngabe ngubani ongakholwa emva kwalokho ngakho-ke labo bayizephula mthetho.

56. Futhi yenzani umthandazo nikhokhe izakaah kwabampofu futhi nihloniphe isithunywa ukuze nithole umusa.

57. Ningacabangi ukuthi labo abangakholwa bangaphunyula emhlabeni futhi indawo yabo yokuhlala ngumlilo futhi sibi leso siphetho.

***Isigaba sesishiyagalombili (8)***

58. Oh nina enikholwayo! Labo abasezandleni zenu zangakwezokudla (izigqila) kanye nalabo abangakathombi mabacele imvume kunina ezikhathi ezintathu ngaphambi komthandazo wasekuseni nangesikhathi nikhumula izingubo zenu ntambama nangemumva komthandazo wakusihlwa (lezi) yizikhathi ezintathu zenu zokuba nibe nodwa, ngezinye izikhathi ngaphandle kwalezi alikho icala kunina nakubona uma behamba phakathi kwenu abanye benu besiza abanye, kanjalo-ke uMvelinqangi uyanicacisela amavesi futhi uMvelinqangi ungowaziyo onobuhlakani.

59. Futhi uma izingane phakathi kwenu sezithomba mazicele imvume njengoba bacela imvume labo ababengaphambilini kwabo, kanjalo uMvelinqangi unenzela acace amavesi akhe futhi uMvelinqangi ungowaziyo onobuhlakani.

60. Futhi abesifazane asebaphelelwa yisikhathi sokuthola abantwana labo abangasathembi ukuthi bangashada ngakho-

ke alikho icala kubona abesifazane uma bekhumula izingubo zabo hhayi ngendlela eveza ubuhle babo kepha uma beyeka (ukukhumula izingubo zabo) kungcono kubona futhi uMvelinqangi uyezwa uyazi.

61. Alikho icala phezu komuntu oyimpumputhe naphezu komuntu oxhugayo futhi alikho icala phezu komuntu ogulayo naphezu kwenu uma nidla ezindlini zenu noma ezindlini zoyihlo noma ezindlini zabomama benu noma ezindlini zabafowenu noma ezindlini zabodadewenu noma ezindlini zabafowabo kayihlo noma ezindlini zabodadewabo koyihlo noma ezindlini zabomalume benu noma ezindlini zabodadewabo kamama wakho noma lezo eninezihluthulelo zazo noma zabangane benu. Asikho kunina isono uma nidla ndawonye noma ngokwehlukana ngakho-ke uma ningena ezindlini bingelelani ngesibingelelo esivela kuMvelinqangi esibusisekile esihle kanjalo uMvelinqangi unenzela acace amavesi ukuze mhlawumbe nibe nomqondo.

***<u>Isigaba sesishiyagalolunye (9)</u>***

62. Abangamakholwa yilabo kuphela abakholwa kuMvelinqangi nesithunywa sakhe futhi okuthi uma bekanye naso odabeni oluthize bangahambi kuze kube yilapho becela imvume kusona. Ngempela labo abacela imvume kuwena labo bangabakholwayo kuMvelinqangi nesithunywa sakhe ngakho-ke uma becela imvume kuwena mayelana nolunye lwezindaba zabo ngakho-ke nikeza imvume noma ngabe ngubani omthandayo phakathi kwabo futhi ubacelele intethelelo kuMvelinqangi, ngempela uMvelinqangi ungothethelelayo unesihawu.

63. Ningenzi ukumemeza kwesithunywa phakathi kwenu njengokumemeza kwabanye benu abanye, ngempela uMvelinqangi uyabazi labo abaphumayo phakathi kwenu

bezifihla. Ngakho-ke mabaqaphele labo abaphambana nomthetho waso hleze behlelwe okubi noma behlelwe yisijeziso esibuhlungu.

64. Ngempela kungokukaMvelinqangi noma ngabe yini esemazulwini nasemhlabeni ngempela uyasazi isimo senu nosuku abayobuyiselwa ngalo kuyena bese ebatshela ngalokho ababekwenza futhi uMvelinqangi uyisazi sazo zonke izinto.

# (25)
# Al-Furqan – Isimo Sokunquma

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Uyingcwele lowo owehlisela phansi isimo sokunquma phezu kwenceku yakhe ukuze ibe ngumxwayisi ezizweni.
2. Okunguyena okungowakhe umbuso wamazulu nomhlaba futhi ongakaze abe nendodana futhi ongenaye umhlanganyeli embusweni futhi wadala zonke izinto wazilinganisa ngendlela ezifaneleke ngayo.
3. Futhi bazithathela abanye onkulunkulu esikhundleni sakhe abangakwazi ukudala lutho kulapho bona bedaliwe futhi bona uqobo lwabo abanalutho olulimazayo futhi abanalutho oluyinzuzo futhi abakwazi ukudala ukufa nokupha impilo nokuvusa (abafileyo).
4. Futhi labo abangakholwanga bathi, "lokhu akuyilutho ngaphandle kwamanga awaqambile futhi abanye abantu bamelekelela kuwo ngakho-ke ngempela baveze okungenabulungiswa nokungaimanga".
5. Futhi bathi, "yizinganekwane zasendulo azibhale phansi ngakho-ke uyabizelwa zona ekuseni nakusihlwa".
6. Ithi, "uyehlisele phansi lowo owazi imfihlo emazulwini nasemhlabeni ngempela yena ngasosonke isikhathi uyathethelela unesihawu".
7. Futhi bathi, "kungani lesisithunywa sidla ukudla futhi siyahamba siya ezitolo na? Kungani kungehliselwanga phansi kusona ingelosi ukuze ibe ngumxwayisi kanye naso".
8. Noma anikezwe ingcebo noma abe nesivande adla kusona futhi abayizoni bathi "anilandeli lutho ngaphandle komuntu olunjiwe".

9. Bheka ukuthi bakwenzela kanjani izibonelo base beyaduka bangakwazi ukuyifumana indlela.

***Isigaba sesibili (2)***

10. Uyingcwele lowo othi uma ethanda akubekele okungcono kunalokho – izivande okugeleza ngaphansi kwazo imifula futhi uzokubekela izindlu ezinkulu zobukhosi.
11. Kepha bayaliphika ihora futhi noma ngabe nguba oliphikayo ihora simlungiselele umlilo ovuthayo.
12. Uma ubabona (umlilo) besendaweni ekude bayokuzwa ulaka olukhulu nokubhonga kwawo.
13. Futhi uma bephonswa endaweni encane ngobubanzi lapho phakathi beboshwe ngamaketango bayokhalela ukubhujiswa lapho.
14. Musani namhlanje ukukhalela ukubhujiswa okukodwa kepha khalelani ukubhujiswa okuningi.
15. Ithi, "ngakube lokho kungcono noma isivande sangunaphakade okuyisona esathenjiswa abagwema okubi na? Lokho ngumvuzo nesiphetho sabo".
16. Okwabo lapho phakathi kuyoba yikona konke lokho abakufisayo, bayohlala khona ingunaphakade, lesi yisethembiso ukugcwaliseka kwaso kuseNkosini yakho.
17. Futhi ngosuku lapho eyobaqoqa ngalo kanye nalokho abakukhonzayo esikhundleni sikaMvelinqangi bese ethi, "ngakube nina naziphambukisa yini lezizinceku zami noma zona zaziphambukela ngokwazo endleleni na?"
18. Bayothi, "udumo malube kuwe! Kwakungasifanele ukuthi sithathe abanye abavikeli esikhundleni sakho kepha wena wabenza ukuthi bazithokozise kanye noyise kwaze kwaba yilapho bekhohlwa isexwayiso base bebangabantu abalahlekileyo".

19. Ngakho-ke bazokubiza ngamanga konke lokho enikushoyo bese ningabe nisakwazi ukuqhelelana (nesijeziso) futhi ningalutholi usizo futhi noma ngabe ngubani phakathi kwenu ongenabulungiswa simzwisa isijeziso esikhulu.
20. Futhi asizange sithumele ngaphambilini kwakho isithunywa ngaphandle kokuthi zona zazikudla ukudla futhi ziya ezitolo futhi sabenza abanye benu ukuba yizilingo kwabanye, ngakube nizobekezela yini na? futhi iNkosi yakho ngasosonke isikhathi ibhekile.

INGXENYE 19

## ***Isigaba sesithathu (3)***

21. Futhi labo abangakulindele ukuhlangana nathi bathi "azithunyelwangangani phansi kuthina izingelosi noma sibone iNkosi yethu na? Ngempela bazibeke ezingeni eliphezulu futhi bayeyisa ngokukhulu ukuziqhenya lokhu".
22. Ngosuku lapho beyozibona ngalo izingelosi akuyikubakhona izindaba ezinhle kwabayizoni ngalolosuku, futhi (izingelosi) ziyothi, "nenqatshelwe impumelelo".
23. Futhi siyophendukela kuyona yonke imisebenzi abayenzile ngakho-ke siyoyenza (leyomisebenzi) ukuthi ibe njengothuli oluhlakazekile.
24. Abahlali basezulwini ngalolosuku bayokuba sendaweni yokuhlala engcono nendawo engcono yokuphumula.
25. Futhi ngosuku lapho isibhakabhaka siyobe siklayeka phakathi emafini futhi izingelosi ziyothunyelwa phansi ngokulandelana.
26. Umbuso ngalolosuku uyobe ungowoNomusa ngokweqiniso futhi kuyoba usuku olunzima kwabangakholwa.
27. Futhi ngosuku lapho isoni siyobe siluma izandla zaso bese sithi "Oh ngifisa! sengathi ngathatha indlela (eqondile) nesithunywa".
28. Oh usizi kumina! Ngifisa sengathi angizange ngithathe umuntu othize njengomngane.

29. Ngempela wangidukisa esikhumbuzweni emva kokuba sesifikile kumina futhi ngasosonke isikhathi usathane akamphumelelisi umuntu.
30. Futhi isithunywa siyothi, "Oh Nkosi yami! Ngempela abantu bami bayithatha leQur'an njengento enganakiwe".
31. Futhi kanjalo samenzela uMphrofethi ngamunye isitha phakathi kwabayizoni futhi yanele iNkosi yakho ukuba ngumholi nokuba ngumsizi.
32. Futhi labo abangakholwanga bathi, "ayehliselwanga ngani phansi kuyena iQur'an ngesikhathi esisodwa na?" Kanjalo-ke ukuze siqinise ngayo inhliziyo yakho futhi sayembula kancane kancane.
33. Futhi abakwazi ukukulethela isibonelo ngaphandle kokuthi sikulethela iqiniso nencazelo engcono kunayo.
34. Labo abayoqoqelwa ndawonye esihogweni ngobuso babo labo basendaweni embi futhi baphambuke kakhulu endleleni.

***Isigaba sesine (4)***

35. Futhi ngempela samnikeza uMose incwadi futhi sabeka umfowabo u-Aroni kanye naye njengomsizi.
36. Sabe sesithi, "nobabili hambani niye ebantwini labo ababephika amavesi ethu sabe sesibabhubhisa ngembubhiso ephelele".
37. Nabantu baNowa ngenkathi bephika izithunywa sabaminzisa futhi sabenza ukuthi babe nguphawu ebantwini futhi izoni sazilungiselela isijeziso esibuhlungu.
38. No-A'd noThamud nezihlali zaseRass nezizukulwane eziningi maphakathi.
39. Futhi kuleso naleso sizwe sanikeza isibonelo futhi ngamunye wabo sambhubhisa ngembubhiso ephelele.

40. Futhi ngempela bahamba badlula edolobheni elalinethwe yimvula enzima, ngakube abaliboni yini na? Qha abakwethembi ukuvuswa (ngosuku lokuvuswa kwabafileyo).
41. Futhi uma bekubona abakuthathi njengento yalutho ngaphandle kokukwenza inhlekisa (bathi) "ngakube nguyena lona uMvelinqangi amthuma njengesithunywa yini na?"
42. Ucishe wasiphambukisa koNkulunkulu bethu, ukube asizange sibabekezelele, futhi bayokwazi ngenkathi besibona isijeziso ukuthi ngubani ophambuke ngokwedlulele endleleni.
43. Ngakube umbonile yini lowo othatha izifiso zakhe njengoNkulunkulu bakhe na? Ngakube wena uzoba ngumlondi wakhe na?
44. Noma ucabanga ukuthi iningi labo liyezwa noma linomqondo yini na? Abayilutho ngaphandle kokufana nezinkomo, Qhabo bona baphambuke endleleni ngokwedlulele.

***Isigaba sesihlanu (5)***

45. Awuboni yini ukuthi iNkosi yakho iwelula kanjani umthunzi, ukube yayithanda yayizowenza ukuthi umendawonye sabe sesenza ilanga ukuthi libe yisibonakaliso kuwona.
46. Bese siwuletha kuthina siwuletha kancane kancane.
47. Futhi nguyena (uMvelinqangi) owanenzela ubusuku babayisembozo kanye nokulala kwaba ukuphumula futhi wenza imini kwaba ngeyokuvuka (kusetshenzwe).
48. Futhi nguyena othumela imimoya njengezindaba ezinhle ngaphambi komusa wakhe futhi sawehlisela phansi amanzi (imvula) emsulwa ephuma esibhakabhakeni.
49. Ukuze siphilise ngawo izwe elifile futhi siwaphuzise lokho esakudalayo izinkomo kanye nabantu abaningi.
50. Futhi ngempela sayisabalalisa phakathi kwabo ukuze bakhumbule kepha iningi labantu alivumi lutho ngaphandle kwabangakholwayo.

51. Futhi ukube sasithanda sasizoveza umexwayisi kuwona wonke amadolobha.
52. Ngakho-ke ningabahloniphi (ningabalaleli) abangakholwa futhi zabalaza ubhekane nabo ngayo (iQur'an) ukuzabalaza kanzima.
53. Futhi nguyena owadedela izinhlobo ezimbili zolwandle lolu oluhlwabusile olumtoti kanye nalolu olusasawoti olubabayo futhi wabeka isehlukaniso phakathi kwazo zombili, isehlukaniso ekungavumelekile ukuba seqiwe.
54. Futhi nguyena owadala umuntu ngamanzi futhi wamenzela izinhlobonhlobo zegazi nomshado futhi ngasosonke isikhathi iNkosi yakho inamandla okwenza zonke izinto.
55. Futhi esikhundleni sikaMvelinqangi bakhonza lokho okungeke kubasize nokungeke kubalimaze futhi ngasosonke isikhathi ongakholwayo ungumsizi ekulweni neNkosi yakhe.
56. Futhi asizange sikuthumele ngaphandle kokuba ube ngumlethi wezindaba ezimnandi nomxwayisi.
57. Ithi, "awukho umvuzo engiwucela kunina ngakho ngaphandle kwanoma ngabe ngubani othanda ukuthatha indlela eya eNkosini yakhe".
58. Futhi thembela kophilayo (u-Allah), ongafi futhi ugubhe indumiso yakhe futhi wanele njengowengamele izono zezinceku zakhe.
59. Yilowo owadala amazulu nomhlaba nakho konke okuphakathi kwako kokubili ngezinsuku eziyisithupha wayesezibeka esihlalweni sobukhosi onomusa (uMvelinqangi), ngakho-ke buza ngaye kowaziyo.
60. Futhi uma kuthiwa kubona, "khothamelani onomusa" bathi "ngubani (uMvelinqangi) onomusa na? Ngakube singakhothamela lokho osiphoqelela kukona na? Futhi kubanezelela ekungezwanini.

***Isigaba sesithupha (6)***

61. Ungcwele lowo owabeka izinkanyezi ezulwini wayesebeka ukukhanya lapho nenyanga eveza ukukhanya.
62. Futhi yena uyilowo owenza ukuthi ubusuku nemini kushitshane, kunoma ngabe ngubani ofisa ukukhumbula noma ofisa ukubonga.
63. Futhi izinceku zoNomusa yilabo abahamba emhlabeni ngokuzithoba futhi uma abangazi lutho bekhuluma nabo bathi, "ukuthula".
64. Futhi nalabo abachitha ubusuku bebuchithela iNkosi yabo beguqile ngokuzithoba futhi bemile.
65. Futhi bayilabo abathi, "Nkosi yethu siqhelelanise nathi isijeziso sesihogo, ngempela isijeziso saso ngasosonke isikhathi sikhona."
66. Ngempela sona siyindawo embi yokuhlala neyokuphumula.
67. Futhi nalabo okuthi uma besebenzisa okuthize bangamoshi futhi bangancishani kepha babephakathi kwalokho.
68. Futhi nalabo abangambizi omunye uNkulunkulu ngaphandle kukaMvelinqangi futhi abangawubulali umphefumulo uMvelinqangi akwenza kwangavumeleki ukuba ubulawe ngokungeyilona iqiniso futhi abangaphingi, noma ngabe ngubani owenza lokho uyothola isijeziso.
69. Siyophindwa kabili isijeziso kuyena ngosuku lokuvuka kwabafileyo futhi uyohlala lapho ekujabhisweni ingunaphakade.
70. Ngaphandle kwalowo ophendukayo ngokuzisola futhi akholwe enze nemisebenzi emihle elungileyo, labo uMvelinqangi ushintsha imisebenzi yabo emibi ngemihle futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi ungothethelelayo unesihawu.
71. Futhi noma ngabe ngubani ophendukela (kuMvelinqangi) ngokuzisola futhi enze imisebenzi elungileyo ngempela yena ungozisolayo kuMvelinqangi ukuzisola kweqiniso.

72. Nalabo abangabethuli bobufakazi ngamanga futhi okuthi uma bedlula ezinkulumweni eziyize badlula ngesizotha.
73. Kanye nalabo okuthi uma bekhunjuzwa ngamavesi eNkosi yabo abaweli phezu kwawo beyizithuli nezimpumputhe.
74. Kanye nalabo abathi, "Nkosi yethu siphe emakhosikazini ethu nasenzalweni yethu ukuthokoza kwamehlo futhi senza thina sibe abaholi balabo abagwema okubi".
75. Labo bayonikwa umvuzo wendawo ephakeme ngenxa yokubekezela kwabo futhi lapho phakathi bayohlangatshezwa ngesibingelelo nangokuthula.
76. Bayohlala lapho phakathi ingunaphakade, indawo yokuhlala engcono neyokunethezeka.
77. Ithi, "iNkosi yami yayingeke ininakekele ukube kwakungesingenxa yemithandazo yenu kepha manje niyayiphika ngakho-ke isijeziso kuyoba ngesenu ingunaphakade".

# (26)
# Al – Shu'ara – Izimbongi

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Twa Seen Meem
2. Lawa ngamavesi encwadi ecacile.
3. Siyazi ukuthi wena uphatheka kabi emphefumulweni ngenxa yokuthi abakholwa.
4. Uma sithanda singehlisela phezu kwabo uphawu oluvela ezulwini oluzokwenza ukuthi kugobe izintamo zabo ngokuzithoba.
5. Futhi angeke kufike kubona isikhumbuzo esisha esivela (kuMvelinqangi) onomusa ngaphandle kokuba bayasifulathela.
6. Ngakho-ke ngempela bayenqaba (incwadi) ziyofika kubona izindaba zalokho ababenza inhlekisa ngako.
7. Ababheki yini emhlabeni ukuthi zingaki izinhlobo zezinto esenza ukuthi zimile kuwona na?
8. Ngempela kulokho kunophawu futhi iningi labo aliyibona abakholwayo.
9. Futhi ngempela iNkosi yakho yona iphakeme ngamandla inesihawu.

***Isigaba sesibili (2)***

10. Futhi (khumbula) ngenkathi iNkosi yakho ibiza uMose ukuthi akahambe aye kubantu abayizoni".
11. Abantu baFaro, ngakube abamesabi yini uMvelinqangi na?
12. Wathi, "Nkosi yami ngempela mina ngiyesaba ukuthi bazongiphika."

13. Futhi isifuba sami siyacinana nolimi lwami alukhulumi kahle ngakho-ke thumela ukuthi kulandwe u-Aroni.
14. Futhi mina nginecala kubona, ngakho-ke ngiyesaba ukuthi bazongibulala.
15. Wathi, "Qha hambani nobabili nezimpawu zethu ngempela thina sikanye nani, siyezwa".
16. Ngakho-ke hambani nobabili uma senifikile kuFaro nithi "thina siyizithunywa zeNkosi yemihlaba".
17. Ngakho-ke bavumele abantwana bakwa-Israyeli bahambe kanye nathi.
18. (UFaro) wathi (kuMose), "asizange yini sikukhulise phakathi kwethu njengomntwana futhi wahlala kanye nathi iminyaka emininingi yempilo yakho na?"
19. Futhi wenza isenzo sakho owasenza kulapho wena wawungomunye wabangabongi.
20. Wathi (uMose) "ngakwenza lokho ngenkathi mina ngangingomunye wabasephutheni".
21. Ngakho-ke ngabaleka kunina ngenkathi nginesaba kepha iNkosi yami yangipha isehlulelo futhi yangenza ngaba ngomunye wezithunywa.
22. Futhi ngakube (iwona lowo) umusa ongikhumbuzisa wona ukuthi wagqilaza abantwana bakwa Israyeli na?"
23. UFaro (Wabuza) wathi "futhi iyini iNkosi yemihlaba na?"
24. (UMose waphendula) ngokuthi "iNkosi yamazulu nomhlaba kanye nakho konke okuphakathi kwako kokubili uma kungukuthi nifuna ukuqiniseka".
25. (UFaro) wathi "kulabo ababemzungezile "ngakube anikuzwa yini (lokho akushoyo) na?"
26. Wathi, "iNkosi yenu neNkosi yoyihlo basendulo".
27. (UFaro) wathi, "ngempela isithunywa senu lesi esithunywe kunina siyahlanya".

28. (UMose) wathi, "iNkosi yeMpumalanga neNtshonalanga kanye nakho konke okuphakathi kwako kokubili uma kungukuthi nina ninayo ingqondo".
29. (UFaro) wathi, "uma ukhetha omunye uNkulunkulu esikhundleni sami ngempela ngizokwenza ukuthi ube ngomunye weziboshwa".
30. UMose wathi, "yize noma ngingakulethela into esobala na?"
31. (UFaro) wathi, "ilethe uma wena ungomunye wabaneqiniso".
32. Ngakho-ke (uMose) waphonsa phansi induku yakhe kwaba yilapho iphenduka inyoka egqamile.
33. Futhi wakhipha isandla sakhe kwaba yilapho simhlophe kwabasibonayo.

***Isigaba sesithathu (3)***

34. (UFaro) wathi, ebaholini abamzungelezile ngempela lona ngumlumbi onolwazi olunzulu.
35. Ufuna ukunigxosha ezweni lenu ngomlingo wakhe nicabanga ukuthi kwenziwe njani?
36. Bathi, "mnike ithuba yena nomfowabo bese uthumela izigijimi emadolobheni".
37. Ukuze zikulethele bonke abalumbi abanolwazi olunzulu.
38. Ngakho-ke abalumbi baqoqelwa ndawonye ukuze kuqokwe isikhathi ngosuku olwaziwayo.
39. Futhi kwathiwa kubantu ngakube nina niyohlangana ndawonye na?
40. Ukuze sibalandele abelumbi uma bona bengabanqobayo.
41. Ngakho-ke kwathi lapho sebefika abalumbi bathi kuFaro, "ngakube sizowuthola yini umvuzo uma thina singabanqobayo na?"
42. UFaro wathi, "yebo futhi ngempela nina nizoba ngabasondelayo (kumina)".
43. UMose wathi kubona, "phonsani lokho enizokuphonsa".

44. Ngakho-ke baziphonsa izintambo zabo kanye nezinduku zabo base bethi, "ngamandla kaFaro ngempela thina sizonqoba".
45. Ngakho-ke uMose wayiphonsa phansi induku yakhe kwaba yilapho – yona ikugwinya konke lokho okungamanga ababekuveza.
46. Ngakho-ke bawa abelumbi bajabalala.
47. Bathi, "sikholiwe eNkosini yemihlaba".
48. In kosi kaMose no-Aroni".
49. (UFaro) wathi, "senikholiwe kuyona ngaphambi kokuba ngininike imvume ngempela yena (uMose) iyiNkosi yenu okuyiyona eyanifundisa umlingo ngakho-ke nizokwazi, ngempela ngizonquma izandla zenu kanye nezinyawo zenu ezinhlangothini ezehlukene futhi ngempela ngizoninqamuleza nonke".
50. Bathi, "abukho ubungozi (asesabi lutho) ngempela thina siyophindela eNkosini yethu".
51. Siyethemba ukuthi iNkosi yethu izosithethelala ukona kwethu ngokuba singamakholwa okuqala".

***Isigaba sesine (4)***

52. Futhi sembula kuMose ukuthi akahambe ebusuku kanye nezinceku zami ngempela nina nizolandelwa.
53. Ngakho-ke uFaro wathumela izigijimi emadolobheni.
54. Ngempela laba bayiqembu elincane.
55. Futhi ngempela bona bayasithukuthelisa.
56. Futhi ngempela thina saqaphelisa wonke umphakathi.
57. Ngakho-ke sabakhipha ezivandeni nasemithonjeni.
58. Nasemicebweni nakuzona zonke izinhlobo zezindawo ezihloniphekile.
59. Kanjalo sakunikeza lokho njengefa kubantwana bakwa-Israyeli.
60. Ngakho-ke babalandela ngasekuphumeni kwelanga.

61. Kwathi lapho amaqembu amabili esebonana abalandeli baMose bathi, "ngempela sesificiwe".
62. (UMose) wathi, "lutho! Ngempela iNkosi yami ikanye nami izongihola".
63. Ngakho-ke sembula kuMose ukuthi, "shaya ulwande ngenduku yakho" lwaqhekeka phakathi ingxenye nengxenye yaphenduka yaba yigquma elikhulu elinjengentaba.
64. Futhi sabasondeza abanye lapho.
65. Futhi samsindisa uMose kanye nababekanye naye bonke.
66. Sabe sesiyabaminzisa abanye.
67. Ngempela kulokho kunophawu futhi iningi labo alisibona abakholwayo.
68. Futhi ngempela iNkosi yakho yona iphakeme ngamandla inesihawu.

***Isigaba sesihlanu (5)***

69. Futhi bafundele indaba ka-Abrahamu.
70. Khumbula ngenkathi ethi kuyise nakubantu bakhe, "nikhonzani na?"
71. Bathi, "sikhonza izithombe, sizinikele kuzona."
72. (U-Abrahamu) wathi, "ngakube ziyanizwa yini uma nizibiza na?"
73. Noma ziwusizo kunina noma zinobungozi na?
74. Bathi, "Qhabo! Safica obaba bethu benzenjalo (bezikhonza izithixo)."
75. U-Abrahamu wathi, "Ngakube nikubonile yini lokho nina enanikukhonza".
76. Nina kanye naboyihlo basendulo na?
77. Ngakho-ke ngempela bona bayizitha kumina ngaphandle kweNkosi yemihlaba.
78. Okuyiyona eyangidalayo, yona iyangihola.
79. Futhi iyona engipha ukudla nengiphuzisayo.

80. Futhi uma ngigula yona iyangelapha.
81. Futhi iyona eyokwenza ukuthi ngife bese ingipha ukuphila.
82. Futhi iyona engethemba ukuthi iyongithethelela amaphutha ami ngosuku lwenkokhelo.
83. Nkosi yami ngiphe ukwehlulela (ukuhola okuyiqiniso) futhi ungihlanganise nabalungileyo.
84. Futhi ngiphe udumo ezizukulwaneni ezilandelayo.
85. Futhi ngenze ngibe ngomunye wezindlalifa zesivande senjabulo.
86. Futhi thethelela ubaba ngempela yena ungomunye wabadukileyo.
87. Futhi ungangiphathi kabi ngosuku lapho beyobe bevuswa.
88. Ngosuku lapho umnotho nezingane kungeke kusize ngalutho.
89. Ngaphandle kwalowo oyoza kuMvelinqangi nenhliziyo emsulwa.
90. Futhi izulu liyosondezelwa abesaba uMvelinqangi.
91. Futhi isihogo siyovezelwa obala labo abaphambukileyo.
92. Futhi kuyothiwa kubona, "kuphi lokho enanikukhonza na?"
93. Esikhundleni sikaMvelinqangi na? Ngakube kuyanisiza noma kuyazisiza na?
94. Ngakho-ke bayophonswa kusona (isihogo) bona kanye nabaphambukileyo.
95. Kanye namabutho kasathane wonke.
96. Lapho phakathi bona bayoxabana bathi.
97. Sifunga ngoMvelinqangi! Ngempela sasisekudukeni okucacile.
98. Ngenkathi sinilinganisa neNkosi yemihlaba.
99. Futhi akekho owasidukisa ngaphandle kwezoni.
100. Ngakho-ke asinaye ongomunye wabancengeli.
101. Noma umngane omnene.
102. Ngakho-ke ukube besingaphindela (emhlabeni) besizokuba ngabanye babakholwayo.
103. Ngempela kulokho kunophawu futhi iningi labo alikholwa.

104. Futhi ngempela iNkosi yakho yona iphakeme ngamandla inesihawu.

***Isigaba sesithupha (6)***

105. Abantu baNowa baziphika izithunywa.
106. Khumbula ngenkathi umfowabo uNowa ethi kubona, "animesabi yini na uMvelinqangi?"
107. Ngempela mina ngiyisithunywa esethembekile kunina.
108. Ngakho-ke mesabeni uMvelinqangi futhi ningihloniphe.
109. Futhi angiwuceli kunina umvuzo ngako, umvuzo wami angiwutholi (komunye umuntu) ngaphandle kokuwucela eNkosini yemihlaba.
110. Ngakho-ke yesabani uMvelinqangi futhi ningihloniphe.
111. Bathi, "singakholelwa yini kuwena kulapho ulandelwa ngabantu abasezingeni eliphansi kakhulu na?"
112. Wathi. "Futhi yiluphi ulwazi enginalo ngalokho ababekwenza na?"
113. Ukwahlulelwa kwabo kuseNkosini yami ukube nje benazi.
114. Futhi angeke ngiwagxoshe amakholwa.
115. Mina angiyilutho ngaphandle kokuba ngumxwayisi ocacile.
116. Bathi, "uma ungaphezi Oh Nowa! Ngempela uzokuba ngomunye walabo abakhandwa ngamatshe".
117. (UNowa) wathi, "Nkosi yami ngempela abantu bami bangiphika."
118. Ngakho-ke yehlulela phakathi kwami nabo futhi ungisindise kanye nanoma ngabe ngobani abakanye nami abangamakholwa.
119. Ngakho-ke samsindisa kanye nalabo abakanye naye emkhunjini othweleyo.
120. Sabe sesibaminzisa abanye emva kwalokho.
121. Ngempela kulokho kunophawu futhi iningi labo lalingesiwona amakholwa.

122. Futhi ngempela iNkosi yakho yona iphakeme ngamandla inesihawu.

***Isigaba sesikhombisa (7)***

123. Abantu base A'd baziphika izithunywa.
124. Khumbula ngenkathi umfowabo uHud ethi kubona "animesabi yini na uMvelinqangi?"
125. Ngempela mina ngiyisithunywa esethembekile kunina.
126. Ngakho-ke yesabani uMvelinqangi futhi ningihloniphile.
127. Futhi angiwufuni umvuzo kunina ngako, umvuzo wami angiwutholi komunye umuntu ngaphandle kokuwuthola eNkosini yemihlaba.
128. Ngakube nenza uphawu phezu kwazo zonke izindawo eziphakeme? Niyazithokozisa.
129. Futhi nizithathele izindlu ezinkulu ezidephile ezinohlonze ukuze nihlale kuzona ingunaphakade.
130. Futhi uma nishaya, nishaya ngobudlova.
131. Ngakho-ke yesabani uMvelinqangi futhi ningihloniphe.
132. Futhi mesabeni lowo owanilekelela ngalokho enikwaziyo.
133. Wanilekelela ngezinkomo nangezingane.
134. Nangezivande nangemithombo.
135. Ngempela mina ngiyanesabela isijeziso sosuku olukhulu.
136. Bathi, "kuyefana kuthina noma uyashumayela noma awusiyena omunye wabashumayelayo".
137. Lokhu akuyilutho ngaphandle kokuba kube yinkolo yasendulo.
138. Futhi thina angeke sijeziswe.
139. Ngakho-ke bamphika sabe sesibabhubhisa, ngempela kulokho kunophawu futhi iningi labo lalingesiwona amakholwa.
140. Futhi ngempela iNkosi yakho yona iphakeme ngamandla inesihawu.

## Isigaba sesishiyagalombili (8)

141. Abantu baThamud baziphika izithunywa.
142. Khumbula ngenkathi umfowabo uSwalih ethi kubona "animesabi yini na uMvelinqangi."
143. Ngempela mina ngiyisithunywa esethembekile kunina.
144. Ngakho-ke yesabani uMvelinqangi futhi ningihloniphe.
145. Futhi angiwufuni kunina umvuzo ngako, umvuzo wami awukho komunye umuntu ngaphandle kokuba useNkosini yemihlaba.
146. Ngakube nizoyekwa niphephile kulokhu enikukona lapha?
147. Ezivandeni nasemithonjeni.
148. Nasemasimini nasezihlahleni zesundu isixha sazo sithambile.
149. Futhi nimba izintaba ngobiciko ukuze nakhe izindlu.
150. Ngakho-ke mesabeni uMvelinqangi futhi ningihloniphe.
151. Futhi ningayihloniphi impoqo yezaphulamthetho.
152. Labo abenza ukona ezweni, abangalungisi.
153. Bathi, "kuphela wena ungomunye wabalunjiwe".
154. Awuyilutho ngaphandle kokuba ngumuntu onjengathi ngakho-ke makunjalo veza uphawu uma kungukuthi wena ungomunye wabaqinisile.
155. Wathi, "leli yikameli lensikazi linelungelo lokuphuza, nani ninelungelo lokuphuza ngosuku olwaziwayo".
156. Futhi ningalithinti ngobubi hleze nithathwe yisijeziso sosuku olukhulu.
157. Kepha balibulala (ikameli) base bephenduka abazisolayo.
158. Ngakho-ke bathathwa yisijeziso, ngempela kulokho kunesifundo futhi iningi labo lalingeyibona abakholwayo.
159. Futhi ngempela iNkosi yakho yona iphakeme ngamandla inesihawu.

***Isigaba sesishiyagalolunye (9)***

160. Abantu baLothi baziphika izithunywa.
161. Khumbula ngenkathi umfowabo uLothi ethi kubona "animesabi yini na uMvelinqangi?"
162. Ngempela mina ngiyisithunywa esethembekile kunina.
163. Ngakho-ke mesabeni uMvelinqangi futhi ningihloniphe.
164. Futhi angiwufuni kunina umvuzo ngako, umvuzo wami awukho komunye umuntu ngaphandle kokuthi useNkosini yemihlaba.
165. Ngakube phakathi kwezidalwa (nikhetha) ukuya kwabesilisa na?
166. Futhi niyeka labo iNkosi yenu eyanidalela bona ukuba babe ngamakhosikazi enu, Qhabo! Nina ningabantu abephula umthetho.
167. Bathi, "Oh Lothi! uma ungaphezi ngempela uzokuba ngomunye wabagxoshiwe".
168. Wathi, "Ngempela mina lesisenzo senu angisithandi".
169. Nkosi yami ngisindise kanye nomndeni wami kulokhu abakwenzayo.
170. Ngakho-ke samsindisa kanye nomndeni wakhe wonke.
171. Ngaphandle konkosikazi omdala phakathi kwalabo ababesalele ngemumva.
172. Sabe sesibabhubhisa abanye.
173. Futhi sayinethisa imvula phezu kwabo, imvula eyayiyimbi kulabo ababexwayisiwe.
174. Ngempela kulokhu kunesifundo futhi iningi labo lalingesiwona amakholwa.
175. Futhi ngempela iNkosi yakho yona iphakeme ngamandla inesihawu.

***Isigaba seshumi (10)***

176. Izihlali zase-Aykah zaziziphika izithunywa.
177. Khumbula ngenkathi uShuaib ethi kuzona "animesabi yini na uMvelinqangi?"
178. Ngempela mina ngiyisithunywa esethembekile kunina.
179. Ngakho-ke mesabeni uMvelinqangi futhi ningihloniphe.
180. Futhi angiwufuni kunina umvuzo ngako, umvuzo wami angiwutholi komunye umuntu ngaphandle kokuwuthola eNkosini yemihlaba.
181. Nikezani isilinganiso esigcwele futhi ningabi ngabanye balabo abayimbangela yokulahleka.
182. Futhi linganisani ngesikalo esiyiqiniso nesiqondile.
183. Futhi ningayidli impahla yabantu ngamacebo ngokuyehlisa futhi ningenzi ukona emhlabeni.
184. Futhi mesabeni lowo owanidala kanye nezizukulwane zasendulo.
185. Bathi, "kuphela wena ungomunye walabo abalunjiwe".
186. Futhi wena awuyilutho ngaphandle kokuba ngumuntu ofananathi futhi sicabanga ukuthi ungomunye wabaqamba amanga.
187. Ngakho-ke makunjalo yehlisela phezu kwethu ingxenye yezulu uma kungukuthi ungomunye wabaqinisileyo.
188. Wathi, "iNkosi yami eyazi kangcono ngaloko enikwenzayo".
189. Kepha bamphika, ngakho-ke yisijeziso sosuku lwethunzi, ngempela leso kwakuyisijeziso sosuku olukhulu.
190. Ngempela kulokho kunesifundo futhi iningi labo lalingeyiwona amakholwa.
191. Futhi ngempela iNkosi yakho yona iphakeme ngamandla inesihawu.

***Isigaba seshumi nanye (11)***

192. Futhi ngempela lesi yisambulo seNkosi yemihlaba.
193. Esehliselwe phansi ngumoya ongcwele (uGabriyeli) owethembekile.
194. Enhliziywеni yakho ukuze ube ngomunye wabaxwayisi.
195. Ngolimi lwesi-Arabhu olucacile.
196. Futhi ngempela yona (iQur'an) kwakubikezelwe ngayo emibhalweni yasemandulo.
197. Akusilona yini uphawu kubona ukuthi izifundiswa zabantwana bakwa-Israyeli ziyayazi (iQur'an) na?
198. Ngisho noma ngabe sasiyembule kwabanye bakwelinye izwe.
199. Bese eyabafundela babengeke babe ngabakholelwa kuyona.
200. Kanjalo sayenza ukuthi ingene igxile ezinhliziywеni zezoni.
201. Abakholelwa kuyona kuze kube yilapho bebona khona isijeziso esibuhlungu.
202. Ngakho-ke siyobafikela masinyane kulapho bona benganakile.
203. Bayothi, "ngakube thina sizonikwa yini na ithuba?"
204. Ngakube basafuna yini ukusisheshisa isijeziso sethu na?
205. Ngakube ubonile yini ukuthi sabathokozisa iminyaka eminingi na?
206. Kwabe sekufika kubona lokho ababethenjiswe kona na?
207. Akuzange kubasize lokho ababezijabulisa ngako.
208. Futhi alikho idolobha esalibhubhisa elalingenabo abexwayisi balo.
209. Ngendlela eyisikhumbuzo, futhi asikaze senze okungenabulungiswa.
210. Futhi akuyibona osathane abayiletha phansi(iQuran).
211. Futhi akubafanele (osathane ukwenza lokho) futhi abanawo amandla.
212. Ngempela bona baqhelelanisiwe nokuzwa.
213. Ngakho-ke ungambizi uMvelinqangi kanye nomunye uNkulunkulu ngokuba uzoba ngomunye wabajeziswayo.

214. Futhi zixwayise izihlobo zakho ezisondele kakhulu.
215. Futhi yiba mnene kunoma ngabe ngubani okulandelayo kwababakholwayo.
216. Kepha uma bengakuhloniphi ngakho-ke ithi, "ngempela mina ngimsulwa kulokho enikwenzayo".
217. Futhi thembela kophakeme ngamandla onesihawu.
218. Lowo okubonayo uma usukuma emthandazweni.
219. Nokuhamba phakathi kwalabo abaguqile bezithobile.
220. Ngempela yena ungozwayo, owaziyo.
221. Ngakube nginitshelile yini ukuthi osathane behlela phezu kukabani na?
222. Behlela phezu kwabona bonke abaqamba amanga abanezono.
223. Bayamlalela (usathane) futhi iningi labo lingabaqambimanga.
224. Kanye nezimbongi, abaphambukayo bayazilandela.
225. Awuboni yini ukuthi bona bayazulazula kuzona zonke izigodi.
226. Nokuthi bona basho lokho abangakwenzi.
227. Ngaphandle kwalabo abakholwayo abenza izenzo ezilungileyo futhi abakhumbula uMvelinqangi kaningi futhi abavikelayo emva kokuba benziwe okungenabulungiswa futhi bayokwazi labo abenza okungenabo ubulungiswa ukuthi iyiphi indawo yokuphenduka abayophendukela kuyona.

# (27)
# Al-Naml – Intuthwane

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. TA SEEN. Lawa ngamavesi eQur'an, futhi incwadi eyenza kucace.
2. Eholayo nenikeza abakholwayo izindaba ezimnandi.
3. Labo abenza umthandazo futhi abakhokha ingxenye yengcebo yabo kwabampofu kulapho bona beqinisekile ngempilo ezayo.
4. Ngempela labo abangakholelwa empilweni ezayo sibenzele ukuthi imisebenzi yabo ibukeke imihle kubona ukuze bazulazule bephuphutheka.
5. Labo-ke bayilabo okwabo okuyisijeziso esibi futhi bona empilweni ezayo bayoba ngabalahlekelwe kakhulu ukwedlula bonke.
6. Futhi ngempela wena wenziwe ukuthi wemukela iQur'an konobuhlakani owaziyo.
7. Khumbula ngenkathi uMose ethi emndenini wakhe, "ngempela mina ngibona umlilo ngizonilethela izindaba ezivela kuwona noma nginilethele amalahle ashisayo ukuze nizifudumeze".
8. Ngenkathi efika kuwona (umlilo) wamenyezwa kwathiwa "ubusisiwe noma ngabe ngubani osemlilweni nanoma ngabe ngubani owuzungelezile" futhi udumo malube kuMvelinqangi iNkosi yemihlaba.
9. Oh Mose! Ngempela mina nginguMvelinqangi ophakeme ngamandla onobuhlakani.
10. Futhi phonsa phansi induku yakho, ngakho-ke kwathi lapho eyibona inyakaza sengathi inyoka waphenduka wabaleka

wangabheki emumva, "Oh Mose! Ungesabi ngempela azingesabi izithunywa ezikanye nami".

11. Ngaphandle kwalowo owenza okungenabulungiswa bese eshintsha okuhle emva kokubi, ngakho-ke ngempela mina ngingothethelelayo onesihawu.
12. Futhi faka isandla sakho ephaketheni lakho sizophuma simhlophe singenabubi (lezi ngezinye) zezimpawu eziyisishiyagalolunye oyoziyisa kuFaro nabantu bakhe, ngempela bona bangabantu abangalungile abayizoni.
13. Ngakho-ke kwathi lapho sezifika kubona izimpawu zethu ezibonakalayo bathi, "lona ngumlingo ocacile".
14. Futhi baziphika (lezo zimpawu) ngokungemthetho nangokuqhosha kulapho imiphefumulo yabo yenelisekile, ngakho-ke bheka ukuthi sasinjani isiphetho sezoni.

***Isigaba sesibili (2)***

15. Futhi ngempela samnikeza ulwazi uDavide noSolomoni bobabili base bathi, "Udumo malube kuMvelinqangi okunguyena owasikhetha ngaphezu kwezinceku zakhe eziningi ezingamakholwa".
16. USolomoni wadla ifa (ubuphrofethi) kuDavide wayesethi, "Oh Bantu! Sifundiswe ulimi lwezinyoni futhi siphiwe kuzona zonke izinto, ngempela lobu ngububele obugqamile".
17. Futhi kwaqoqelwa ndawonye kuSolomoni amabutho akhe angamaJinn nabantu kanye nezinyoni wonke ayemiswe ngendlela yempi (belungele ukuhamba).
18. Kwaze kwaba yilapho befinyelela khona esigodini sezintuthwane enye yezintuthwane yathi, "Oh Zintuthwane! ngenani ezindlini zenu hleze uSolomoni namabutho akhe anifihlize kulapho bona bengaboni".
19. Ngakho-ke (uSolomoni) wamomotheka ehleka inkulumo yayo wayesethi, "Nkosi yami ngenze ukuthi ngibonge ububele

bakho owangenzela bona kanye nabazali bami futhi ngenze umsebenzi olungileyo owuthokozelayo futhi ngingenise ngomusa wakho phakathi kwezinceku zakho ezilungileyo".

20. Futhi wazihlola izinyoni wayesethi, "kwenziwa yini ukuthi ngingamboni uHud Hud noma ungomunye walabo abangekho na?"

21. Ngempela ngizomjezisa ngesijeziso esinzima noma ngempela ngimbulale ngaphandle uma engitshela isizathu esicacile.

22. Akazange ahlale isikhathi eside wayesethi, "ngithole lokho ongazange ukuthole futhi ngikulethele izindaba eziyiqiniso ezivela kuSaba".

23. Ngempela mina ngifice owesifazane ebabusa futhi uphiwe kuzona zonke izinto futhi unesihlalo sobukhosi esikhulu.

24. Ngimfumane ekanye nabantu bakhe bekhonza ilanga esikhundleni sikaMvelinqangi futhi uSathane wabenzela yabukeka imihle imisebenzi yabo kubona wayesebavimbela endleleni (eqondile) ngakho-ke bona abaholekanga.

25. Abamkhonzi uMvelinqangi okunguyena oveza okufihlekile emazulwini nasemhlabeni futhi owazi konke lokho enikufihlayo nakho konke lokho enikuvezayo.

26. UMvelinqangi akekho omunye uMvelinqangi ngaphandle kwakhe uyiNkosi yesihlalo sobukhosi esikhulu.

27. Wathi, "sizobona ukuthi ukhuluma iqiniso noma ungomunye walabo abaqamba amanga".

28. Hamba nalencwadi yami bese uyijikijela kubona bese uyabafulathela bese uyabheka ukuthi yini abayibuyisayo.

29. Owesifazane wathi, "Oh Baphathi! Ngempela kujikijelwe kumina incwadi engcwele".

30. Ngempela yona ivela kuSolomoni futhi ngempela yona ingegama likaMvelinqangi onomusa onesihawu.

31. Ningaziphakamisi kumina futhi yizani kumina ngokuzinikela.

***Isigaba sesithathu (3)***

32. Wathi owesifazane, "Oh Baphathi! ngelulekeni odabeni lwami, angeke ngikhiphe isinqumo odabeni kuze kube yilapho nikhona kanye nami."
33. Bathi, "thina singabanamandla amakhulu futhi singabanempi enkulu, impoqo ingeyakho, ngakho-ke cabanga ukuthi uzophoqa ukuba kwenziweni".
34. Yathi indlovukazi, "ngempela amakhosi uma engena edolobheni enza ukona kulona bese enza abantu balo abahloniphekile ukuthi babesezingeni eliphansi futhi enza kanjalo".
35. Futhi ngempela mina ngizothumela kubona isipho bese ngibheka ukuthi yini izithunywa ezizobuya nayo.
36. Ngakho-ke kwathi lapho sezifika (izithunywa) kuSolomoni nesipho wathi "ngakube ningelekelela ngengcebo na? Lokho uMvelinqangi angipha kona kungcono kunalokho anipha kona kepha nina nithokozile ngesipho senu".
37. Phindelani kubona ngempela thina sizoza kubona namabutho empi abangeke bakwazi ukuwavimba futhi ngempela sizobakhipha lapho ngechilo, futhi bayobe bethotshisiwe".
38. Wathi, "Oh Baphathi! Ngubani phakathi kwenu ozongilethela isihlalo sobukhosi sakhe owesifazane ngaphambi kokuba bafike kumina bezinikele ngokuzithoba".
39. Elinye lamaJinn lathi, "Mina ngizosiletha kuwena ngaphambi kokuba usukume endaweni yakho futhi ngempela mina nginamandla ngethembekile".
40. Lowo onolwazi lencwadi wathi, "ngizosiletha kuwena ngaphambi kokuphazima kweso lakho" Mina ngizosiletha kuwena ngaphambi kokuphazima kweso lakho" ngakho-ke kwathi lapho esibona sibekwe eduzane naye wathi "lokhu kungomusa weNkosi yami ukuze ingivivinye ukuthi ngiyabonga noma angibongi futhi noma ngabe ngubani

obongayo kuphela ubongela umphefumulo wakhe futhi noma ngabe ngubani ongabongi ngakho-ke ngempela iNkosi yami ayidingi lutho ihloniphekile".

41. Wathi, "sisithezeleni owesifazane isihlalo sakhe sobukhosi (ukuze angasiboni ukuthi yisona noma akusiyona) ukuze sibone ukuthi owesifazane ungoholiweyo noma ungomunye walabo abangaholiwe".

42. Ngakho-ke kwathi lapho esefika owesifazane kwathiwa "ngakube sinjena yini na isihlalo sakho sobukhosi?" Owesifazane wathi,"ungathi yisona" (uSolomoni wathi) "futhi sinikeziwe ulwazi ngaphambilini kwakhe owesifazane futhi sasizinikele ngaphansi kwentando kaMvelinqangi".

43. Futhi kwamvimba lokho ayekukhonza esikhundleni sikaMvelinqangi ngempela yena owesifazane wayengomunye walabobantu abangakholwa.

44. Kwathiwa kuyena owesifazane, "ngena endlini yobukhosi edephile" kwathi lapho owesifazane eseyibona wacabanga ukuthi indawo yayo yaphansi yakhiwe ngamanzi (noma kunedamu lamanzi ngaphansi kwendlu enkulu yobukhosi waphakamisa izingubo zakhe) kwavela imilenze yakhe (uSolomoni) wathi "ngempela yindlu yobukhosi eyenziwe ngengilazi" owesifazane wathi "Nkosi yami ngempela mina ngenze okungalungile emphefumulweni wami futhi ngiyazinikela kanye noSolomoni kuMvelinqangi iNkosi yemihlaba".

***Isigaba sesine (4)***

45. Futhi ngempela sathumela kuThamud umfowabo uSalih ukuthi khonzani uMvelinqangi kulapho bona bengamaqembu amabili angaboni ngasolinye.

46. Wathi, "Oh Bantu bami! kungani nijaha ebubini ngaphambi kokuhle na? Aniyiceli ngani intethelelo kaMvelinqangi ukuze mhlawumbe ninikwe umusa na?"
47. Bathi, "sihlahla umhlola kuwena kanye nalabo abakanye nawe" wathi, "umhlola wenu ukuMvelinqangi kepha nina ningabantu abavivinywayo".
48. Futhi edolobheni kwakukhona abantu abayisishiyagalolunye ababenza ukona ezweni futhi bangalungisi.
49. Bathi, "makafunge omunye komunye ngoMvelinqangi ukuthi ngempela sizomhlasela ebusuku kanye nomndeni wakhe bese ngempela sithi esihlotsheni sakhe "asikubonanga okubhubhise abantu bakhe futhi ngempela thina sikhuluma iqiniso".
50. Futhi benza icebo nathi senza icebo kulapho bona bengaboni.
51. Ngakho-ke bheka ukuthi sasinjani isiphetho secebo labo, ngempela sababhubhisa kanye nabantu babo ndawonye.
52. Ngakho-ke lezozindlu zabo zadilika ngenxa yokuthi babonile ngempela kulokho kunophawu (nesifundo) kubantu abaziyo.
53. Futhi sabasindisa labo ababekholwa futhi ababemesaba uMvelinqangi.
54. Kanye noLothi khumbula ngenkathi ethi kubantu bakhe, "ngakube nenza izenzo ezingalungile kulapho nina nibona na?"
55. Ngakube ngempela nina nikhanukela amadoda esikhundleni sabesifazane na? Qhabo! Nina ningabantu abangenalo ulwazi.
56. Ayibanga yilutho impendulo yabantu bakhe ngaphandle kokuthi bathi "asiwukhipheni umndeni kaLothi edolobheni lenu ngempela bona bayibantu abahlanzekile abamsulwa".
57. Ngakho-ke samsindisa kanye nomdeni wakhe ngaphandle konkosikazi wakhe samenza ukuba abe ngomunye wabasalela ngemumva.
58. Futhi sayinethisa phezu kwabo imvula kangangoba kwakuyimvula embi yalabo ababexwayisiwe.

INGXENYE 20

59. Ithi, "udumo lungolukaMvelinqangi futhi ukuthula makube ezincekwini zakhe lezo azikhetha, ngakuba uMvelinqangi ungcono noma yilokho abamenzela ngakho abahlanganyeli ekumkhonzeni na?".
60. Ubani owadala amazulu nomhlaba futhi wanehlisela phansi amanzi avela esibhakabhakeni sabe sesikhulisa ngayo izivande ezinhle ezijabulile? Angeke nibe nawo amandla okukhulisa izihlahla zawo, ngakube ukhona yini unkulunkulu okanye noMvelinqangi na? Kepha bona bangabantu abenza abalingani.
61. Akusiyena yini owenza umhlaba waba yindawo yokuhlala wayesebeka imifula kuwona futhi wabeka izintaba kuwona futhi wabeka isehlukaniso phakathi kwezilwandle ezimbili, ngakube ukhona yini unkulunkulu okanye noMvelinqangi na? Kepha iningi labo alazi.
62. Ubani ophendula lowo ophelelwe yithemba uma emmemeza futhi asuse okubi bese enenza nibe yisizukulwane esilandelayo emhlabeni na? Ngakube ukhona yini unkululnkulu okanye noMvelinqangi na? Kuncane enikukhumbulayo.
63. Ubani oniholayo ebumnyameni bezwe nolwandle futhi othumela imimoya njengezindaba ezimnandi ngaphambi komusa wakhe na? Uphakeme uMvelinqangi ngaphezu kwalokho abamenzela ngako abahlanganyeli ekumkhonzeni.
64. Ubani osungula indalo bese eyiphinda futhi anabele ngokuvela ezulwini nasemhlabeni ngakube ukhona yini unkulunkulu okanye noMvelinqangi na? Ithi "lethani ubufakazi benu uma kungukuthi nina nineqiniso".
65. Ithi, "akekho ngisho noyedwa osemazulwini nasemhlabeni owazi okungabonwayo ngaphandle kukaMvelinqangi futhi abazi ukuthi bayovuswa nini kwabafileyo".
66. Qhabo! abanalo ulwazi ngempilo ezayo qhabo bona basekungabazeni ngayo Kepha bona bayizimpumputhe ngayo.

***Isigaba sesithupha (6)***

67. Futhi labo abangakholwanga bathi ngakube uma sesiwuthuli kanye nobaba bethu ngempela siyovezwa (sibe yizidalwa ezintsha yini na?).
68. Ngempela sathenjiswa lokhu thina kanye nabobaba bethu ngaphambilini lokhu akuyilutho ngaphandle kokuthi kuyizinganekwane zabantu basendulo.
69. Ithi hambani ezweni bese niyabona ukuthi sabayini isiphetho sezoni.
70. Futhi ungaphatheki kabi ngabo futhi ungabi lusizi ngalokho abenza ngako icebo.
71. Futhi bathi, "siyogcwaliseka nini lesisithembiso uma kungukuthi nina nineqeniso na?"
72. Ithi, "mhlawumbe kuseduzane emumva kwenu okunye kwalokho enifuna ukuba kusheshe".
73. Futhi ngempela iNkosi yakho ingumnikazi womusa ebantwini kepha iningi labo alibongi.
74. Futhi ngempela iNkosi yakho iyakwazi lokho izifuba zabo ezikufihlayo kanye nalokho ezikuvezayo.
75. Futhi akukho lutho olufihlekile ezulwini nasemhlabeni ngaphandle kokuthi kusencwadini ecacile.
76. Ngempela leQur'an izekela abantwana bakwa-Israyeli labo abaningi babo abaphikisanayo ngako.
77. Futhi ngempela ukuholwa nomusa kungokwabakholwayo.
78. Ngempela iNkosi yakho iyokwehlulela phakathi kwabo ngesehlulelo sayo futhi yona iphakeme ngamandla inolwazi.
79. Ngakho-ke yethembela kuMvelinqangi ngempela wena useqinisweni eligqamile.
80. Ngempela wena angeke wenze abafile ukuthi bezwe futhi angeke wenze izithuli ukuba zizwe ukumenyezwa uma sezifulathele zibaleka.

81. Futhi wena angeke uzihole izimpumputhe ekudukeni kwazo, ungenza ukuthi bezwe labo abakholelwa emavesini ethu ngakho-ke labo bangabazinikele ngaphansi kwentando kaMvelinqangi.
82. Futhi uma behlelwa yizwi sizobavezela isidalwa esinyakazayo esiphuma emhlabeni ukuthi sikhulume nabo ngoba abantu abazange baqiniseke ngamavesi ethu.

***Isigaba sesikhombisa (7)***

83. Futhi ngosuku lapho siyoqoqa kuleso nalesosizwe iqembu phakathi kwalabo ababephika amavesi ethu bese beyiswa (endaweni yokwahlulelwa).
84. Kuzekuthi uma befika athi ngakube naniwaphika yini amavesi ami kulapho naningenalo ulwazi ngawo, kwakuyini lena enayiyenza na?.
85. Futhi izwi liyogcwaliseka kubona ngenxa yokuthi bebenza okungenabo ubulungiswa ngakho-ke bona angeke bakhulume.
86. Ababoni yini ukuthi sabenza ubusuku ukuthi baphumule kubona nemini ukuze ibanike ukukhanya na? ngempela kulokho kunezimpawu kubantu abakholwayo.
87. Futhi ngosuku lapho kuyobe kushawa ngalo icilongo, noma ngabe ngubani osemazulwini noma ngabe ngubani osemhlabeni uyokwesaba ngaphandle kwalabo ngokuthanda kukaMvelinqangi, futhi bonke bayoza kuyena bezithobile.
88. Futhi uyobona izintaba ucabange ukuthi zisimeme kulapho zona ziyobe zidlula njengokudlula kwamafu, okwenziwe nguMvelinqangi okunguyena owenzisisa kahle zonke izinto, ngempela yena unolwazi olunzulu ngalokho enikwenzayo.
89. Noma ngabe ngubani ofike nokuhle ngakho-ke okwakhe okungcono kunako futhi bona bayophepha ekwesabeni kwangalolosuku.

90. Futhi noma ngabe ngubani oyofika nokubi buyophonswa emlilweni ubuso babo, ngakube niyonikezwa omunye umvuzo ngaphandle kwalokho enanikwenza na?

91. Kuphela ngiphoqiwe ukuba ngikhonze iNkosi yalelidolobha (Makkag) elenze labangcwele futhi kungokwakhe, futhi ngiphoqiwe ukuthi ngibe ngomunye wabazinikele ngaphansi kwentando kaMvelinqangi.

92. Futhi (ngiphoqiwe) ukuba ngifunde iQur'an ngakho-ke noma ngabe ngubani oholiwe kuphela uholelwe umphefumulo wakhe futhi noma ngabe ngubani odukayo ngakho-ke ithi, "kuphela mina ngingomunye wabaxwayisi".

93. Futhi ithi, "Udumo lungolukaMvelinqangi uzonikhombisa amavesi akhe ukuze niwazi futhi akusikona ukuthi iNkosi yakho ayikunakile lokho enikwenzayo".

# (28)
# Al-Qasas-Isambulo

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Twa Seen Meem.
2. Lawa ngamavesi encwadi ecacile
3. Siwafundela wena ngeqinso ezindabeni zikaMose kanye noFaro, ebantwini abakholwayo.
4. Ngempela uFaro waziphakamisa emhlabeni wenza abantu bawo amaqembu ecindezela iqembu (labantwana baka-Israel) phakathi kwabo ebulala amadodana abo eshiya abesifazane babo bephila, ngempela yena wayengomunye wabacindezeli.
5. Futhi sasifuna ukubeka umusa phezu kwalabo ababenziwe baba buthakathaka emhlabeni, futhi sibenze babengabaholi futhi sibenze izindlalifa.
6. Futhi sibazinzise emhlabeni futhi sikhombize ufaro, Haman kanye namabuthoabo bobabili avela phakathi kwabo lokho abakwesabayo.
7. Futhi sakwembula kunina kaMose ukuthi amncelise uma unokwesaba ngaye ngakho-ke mphonse emfuleni, ungesabi futhi ungaphatheki kabi ngempela thina sizomphindise la kuwena futhi sizomenza omunye wezithunywa.
8. Ngakho-ke abantu baFaro bamthatha ukuze abeyisitha nosizi kubona, ngempela uFaro noHaman kanye namabutho abo bobabili babeyizoni.
9. Futhi unkosikazi kaFaro wathi, “ungumduduzi wehlo lami nehlo lakho ungambulali angase abewusizo kuthina noma simthathe njengendodana” lapho bengazi.

10. Futhi inhliziyo kanina kaMose yaba igobongo, wacishe wamveza ukube sasingayiqinisanga inhliziyo yakhe ukuze ahlale engomunye wabakholwayo.
11. Futhi owesifazane (unina ka-Mose) wathi kudadewabo wesilisa "mlandele owesilisa" owesifazane (udade wabo) wayesembheka owesilisa ebuqamama kulapho bona bengaboni.
12. Futhi ngaphambilini samuqabela ukuthi angancela kwabanye abancelisi bese udade wabo wayesithi, "nginganikhombisa yini abantu bomndeni abazonikhulisela yena futhi abazomeluleka na?"
13. Ngakho-ke samphindisela kunina ukuze amehlo akhe aduduzeke futhi angabi lusizi nokuthi azi ukuthi isethembiso sika Mvelinqangi siyiqiniso kepha iningi labo alazi.

***Isigaba sesibili (2)***

14. Futhi kwathi lapho esekhulile ngokuphelele samupha ubuhlakani nolwazi, sibapha kanjalo umvuzo abenza okuhle.
15. Futhi (uMose) wangena edolobheni ngenkathi abantu balo benganakile wafica khona amadoda amaibili elwa omunye engoweqembu lakhe futhi omunye (engoweqembu) lezitha zakhe, ngakho-ke lowo ongoweqembu lakhe wacela usizo kuyena ukuze abhekane nesitha sakhe, ngakho-ke uMose wamshaya ngesibhakela wambulala wathi "lokhu kungomunye womsebenzi kasathane, ngempela yena uyisitha esicacile esidukisayo.
16. Wathi, "Nkosi yami ngempela mina ngiwonile umphefumulo wami ngakho-ke ngithethelele" yamthethelela ngempela yona iyathethelela inesihawu.
17. Wathi, "Nkosi yami, ngenxa yobubele ongenzele bona ngakho-ke angisoze ngaba ngumsizi wezoni".
18. Ngakho-ke waphenduka owesabayo edolobheni ebheka emaceleni, kulapho lowo owayecele kuyena usizo ngayizolo

ecela usizo kuyena uMose wathi kuyena "ngempela wena uhlale unochuku olugqamile".

19. Ngakho-ke kwathi lapho efuna ukumbamba lowo oyisitha sabo bobabili wathi, "Oh Mose! Ngakube ufuna ukungibulala njengoba ubulale umuntu izolo na? awufuni lutho ngaphandle kokuba yisidlova ezweni futhi awufuni ukuba ngomunye wabalungileyo".

20. Futhi kweza umuntu egijima eqhamuka endaweni eqhelelene kakhulu nedolobha wathi, "Oh Mose! Ngempela abaholi babopha uzungu ngawe ukuthi bakubulale ngakho-ke hamba ngempela mina ngingomunye wabeluleki.

21. Ngakho-ke wemuka kulona (idolobha) esaba, ejeqeza emaceleni wathi "Nkosi yami ngisindise ebantwini abangalungile".

***Isigaba sesithathu (3)***

22. Futhi kwathi lapho elibhekise eMadyan wathi, "Ngifisa ukuthi iNkosi yami ingiholele endleleni eqondile".

23. Futhi kwathi lapho esefika emanzini aseMadyan wafica isixuku sabantu siphuzisa (imfuyo) amanzi futhi ngaphandle kwaso (isixuku sabantu) wafica abesifazane ababili ababemise (imihlambi yabo ukuba ingaphuzi uMose) wathi, "kwenzenjani ngani nobabili" bobabili bathi, "angeke siyiphuzise (imihlambi yethu amanzi) kuze kube abelusi basusa (imihlambi yabo) futhi ubaba wethu usekhule kakhulu".

24. Ngakho-ke wabaphuzisela bobabili (imihlambi yabo) wayesephenduka eya emthunzini wayesethi, "Nkosi yami ngempela mina nginesidingo sanoma ngabe yini enhle oyehlisele phezu kwami".

25. Ngakho-ke oyedwa wabesifazane ababili weza kuyena ehamba ekhophoza wathi owesifazane, "ngempela ubaba wami uyakumema ukuze akunike umvuzo ngokusiphuzisela kwakho (imihlambi) ngakho-ke kwathi lapho esefika kuyena

wamxoxela indaba wathi ungesabi uphephile ebantwini abangalungile.

26. Owesifazane oyedwa kubona bobabili wathi, "Oh baba wami! Mqashe ngempela ungumuntu ongcono kakhulu ukuba umqashe unamandla, wethembekile".

27. Wathi (uyise wabesifazane ababili) "ngempela mina ngithanda ukuba ushade neyodwa yamadodakazi ami amabili ngesivumelwano sokuba ungisebenzele iminyaka eyisishiyagalombili kepha uma uqeda eyishumi kuyobe kungentando yakho futhi angithandi ukukubeka ebunzimeni uzongifumana ngingomunye wabalungileyo uma uMvelinqangi ethanda.

28. Wathi lokho kuphakathi kwami nawe noma ngabe yikuphi kwako kokubili engiyokufeza angeke kubekhona okungenabo ubulungiswa kumina futhi uMvelinqangi ungaphezu kwalokho esikushoyo.

## *Isigaba sesine (4)*

29. Ngakho-ke kwathi lapho uMose esesiqedile isikhathi esimisiwe futhi esehamba nomndeni wakhe wabona umlilo eceleni kweTur wathi emndenini wakhe, "yimani ngempela mina ngibone umlilo ngingeza kunina nezindaba ezivela kuwona noma isikhuni somlilo ukuze nizifudumeze".

30. Ngakho-ke kwathi lapho esefika kuwona wamenyezwa eceleni langakwe sokudla lesogodi endaweni ebusisiwe esihlahleni Oh Mose! Ngempela mina nginguMvelinqangi iNkosi yemihlaba.

31. Futhi phonsa induku yakho phansi, ngakho-ke kwathi lapho eseyibona inyakaza sengathi iyinyoka waphenduka wabaleka wangabe esabheka emumva Oh Mose! Sondela ungesabi ngempela wena ungomunye wabaphephile.

32. Faka isandla sakho ephaketheni lakho sizophuma simhlophe singenabo ububi futhi sondeza isandla sakho kuwena ukuze

uqede ukwesaba lezi yizimpawu ezimbili ezivela eNkosini yakho ziya kuFaro nabaholi bakhe ngempela bona bangabantu abangahloniphi.

33. Wathi (uMose), "Nkosi yami ngempela mina ngabulala umuntu kubona ngakho-ke ngiyesaba ukuthi bazongibulala.

34. Kodwa umfowethu u-Aroni yena ukhuluma kangcono kunami ngakho-ke mthumele kanye nami njengomsizi angiqinise ngempela mina ngiyesaba ukuthi bazongiphika.

35. Wathi, "sizoqinisa ingalo yakho ngomfowenu futhi nobabili sizoninikeza igunya lokuthi bangafinyeleli kunina nobabili ngezimpawu zethu, nina nobabili kanye nanoma ngabe ngubani onilandelayo nobabili niyoba ngabanqobi".

36. Ngakho-ke kwathi lapho uMose esefika kubona nezimpawu zethu ezicacile bathi, "lokhu akuyilutho ngaphandle kokuba ngumlingo owenziwe futhi asikaze sizwe ngalokhu kobaba bethu basendulo".

37. Futhi uMose wathi, "iNkosi yami yazi kangcono ngalowo owafika nokuhola okuvela kuyona kanye nalowo oyoba nesiphetho esihle empilweni ezayo, ngempela yona ayiziphumelelisi izoni".

38. Futhi uFaro wathi "Oh baholi! Angazi ukuthi ninaye unkulunkulu ngaphandle kwami ngakho-ke ngibasele (umlilo) we Haman (ukuze wenze izitini) ngobumba bese ungenzela indlu ephakeme ukuze ngigibele ngibone uNkulunkulu kaMose futhi ngempela mina ngicabanga ukuthi yena ungomunye wabaqamba amanga.

39. Futhi wayeqhosha yena namabutho akhe ezweni ngokungesilona iqiniso futhi babecabanga ukuthi angeke babuyiselwe kuthina.

40. Ngakho-ke samthatha kanye namabutho akhe sabaphonsa olwandle ngakho-ke bheka ukuthi sasinjani isiphetho sezoni.

41. Futhi sabenza ukuthi babengabaholi abamemela emlilweni futhi ngosuku lokuvuka kwabafileyo angeke balekelelwe.

42. Futhi sabalandelanisa ngesiqalekiso kulomhlaba futhi ngosuku lokuvuka kwabafileyo bona bayokuba ngabanye babavinjelwe emseni kaMvelinqangi.

## *Isigaba sesihlanu (5)*

43. Futhi ngempela samnikeza uMose incwadi emva kokuba sesibhubhise izinkulungwane zasemandulo, ukukhanyiselwa kwabantu nokuholwa kanye nomusa ukuze mhlawumbe bakhumbule.
44. Futhi wawungekho ngaseduzane nentshonalanga ngenkathi senza impoqo kuMose futhi wawungesiyena omunye wofakazi.
45. Kepha saziveza izizukulwane sazelulela izikhathi zempilo yazo futhi wawungahlali nabantu baseMidyani ubafundele amavesi ethu kepha yithina esingabathumeli (baleyomyalezo).
46. Futhi wawungekho eduzane nentaba ngenkathi sasimemeza, kepha ngumusa ovela eNkosini yakho ukuze uxwayise abantu okungazange kufike kubona umxwayisi ngaphambilini kwakho ukuze bakhumbule.
47. Futhi uma bengase behlelwe okubi ngenxa yalokho okuthunyelwe yizandla zabo ngaphambili bathi, "Nkosi yethu kungani ungasithumelanga kuthina isithunywa ukuze silandele amavesi akho bese siba ngabanye babakholwayo na?.
48. Ngakho-ke kwathi lapho sebefikelwa yiqiniso elivela kuthina bathi, "kungani enganikezwanga (izimpawu) ezifana nalezo ezanikezwa uMose na? Ngakube abakholelwa yini kulokho okwanikezwa uMose ngaphambilini" bathi "imilingo emibili omunye welekelela omunye futhi bathi ngempela asikholelwa kukona kokubili".
49. Ithi "ngakho-ke lethani incwadi evela kuMvelinqangi okuyiyona ehola kangcono kunalezi zombili engizoyilanda uma kungukuthi nina nineqiniso.

50. Kepha uma bengakuphenduli ngakho-ke yazi ukuthi kuphela balandela izinkanuko zabo futhi ngubani ophambuke kakhulu kunalowo olandela izinkanuko zakhe ngaphandle kokuholwa okuvela kuMvelinqangi ngempela uMvelinqangi akabaholi abantu abayizoni.

***Isigaba sesithupha (6)***

51. Futhi ngempela sabathumelela izwi ukuze bakhumbule.
52. Labo esabanikeza incwadi ngaphambilini kwayo, bona bakholelwa kuyona.
53. Futhi uma befundelwa yona bathi "siyakholelwa kuyona ngempela yona iyiqiniso elivela eNkosini yethu ngempela thina ngaphambilini kwayo, sasingabazinikeleyo ngaphansi kwentando kaMvelinqangi.
54. Labo bayonikezwa umvuzo wabo amahlandla amabili ngenxa yokuthi babebekezela besusa okubi ngokuhle futhi bayephana ngaloko esababela kona.
55. Futhi uma bezwa inkulumo embi bayaqhelelana nayo futhi bathi, "okwethu yimisebenzi yethu nokwenu yimisebenzi yenu, ukuthula makube kunina asibathandi abangazi lutho.
56. Ngempela wena awumholi lowo omthandayo kepha nguMvelinqangi ohola lowo amthandayo futhi yena wazi kangcono ngabaholiweyo.
57. Futhi bathi, "uma silandela ukuholwa kanye nawe sizosuswa ezweni lethu" asizange yini sibabekele indawo engcwele ephephile ekulethwa kuyona izithelo eziyizinhlobonhlobo okuyisabelo esivela kuthina kepha iningi labo alazi.
58. Futhi mangaki amadolobha esawabhubhisa ayengazibongi izindlela zawo zokuphila na? Ngakho-ke lezo yizindawo zabo zokuhlala ekungazange kuhlalwe kuzona ngemva kwabo ngaphandle kwesikhashana futhi thina sasiyizindlalifa.

59. Futhi iNkosi yakho ayizange iwabhubhise amadolobha kuze kube yilapho ithumela isithunywa kumama wedolobha sibafundela amavesi ethu futhi sasingawabhubhisi amadolobha ngaphandle kokuba uma abantu bawo bonile.
60. Futhi noma ngabe yini enanikezwa yona yinjabulo yempilo yakulomhlaba nomhlobiso wayo futhi noma ngabe yini ekuMvelinqangi ingcono futhi ngasosonke isikhathi ikhona, ngakube aninamqondo yini na?

***Isigaba sesikhombisa (7)***

61. Ngakube lowo esamethembisa isethembiso esihle yena uzohlangana naso njengalowo esamupha injabulo yempilo yalomhlaba besekuthi yena ngosuku lokuvuka kwabafileyo abengomunye walabo abayokujeziswa.
62. Futhi ngosuku ayobabiza ngalo athi, "baphi abahlanganyeli bami labo enaningenzela bona na?"
63. Labo izwi elafinyelela kubona liyiqiniso bayothi, "Nkosi yethu naba laba esabaphambukisa, sabaphambukisa njengoba saphambuka uqobo lwethu siveza ukubamsulwa kwethu kuwena akuyithina ababesikhonza".
64. Futhi kuyothiwa, "bizani abahlanganyeli benu ngakho-ke bayobamemeza kepha angeke babaphendule futhi bayosibona isijeziso, ukube nje babeholeleke (endleleni eqondile)".
65. Futhi ngosuku ayobabiza ngalo bese ethi, "naziphendula kanjani izithunywa na?"
66. Ngakho-ke izindaba ziyofiphala kubona ngalolosuku angeke bakwazi ukubuzana bodwa.
67. Kepha lowo ophendukayo azisole futhi akholwe enze izenzo ezinhle ezilungileyo uyokuba ngomunye wabaphumeleleyo.
68. Futhi iNkosi yakho idala noma ngabe yini eyithandayo futhi iyakhetha, akusikona okwabo ukukhetha udumo malube

kuMvelinqangi futhi uphakeme ngaphezu kwako konke lokho abamenzela ngako abahlanganyeli ekumkhonzeni.

69. Futhi iNkosi yakho iyakwazi lokho izifuba zabo ezikufihlayo nalokho ezikuvezayo.

70. Futhi yona inguMvelinqangi akukho okunokukhonzwa ngaphandle kwayo udumo lungolwayo ngokokuqala nangokokugcina futhi ukwehlulela kungokwayo futhi niyophindiselwa kuyona.

71. Ithi ngakube nibonile yini ukuthi uma uMvelinqangi wayenganenzela ubusuku buqhubeke kuze kube usuku lokuvuka kwabafileyo yimuphi uNkulunkulu ngaphandle kukaMvelinqangi onganilethela ukukhanya na? Ngakube anizwa yini na?

72. Ithi ngakube nibonile yini ukuthi uMvelinqangi wayenganenzela imini iqhubeke kuze kube usuku lokuvuka kwabafileyo yimuphi uNkulunkulu ngaphandle kukaMvelinqangi onganilethela ubusuku eniphumula kubona na? Ngakube aniboni yini na?

73. Futhi kusemseni wakhe ukuthi wanenzela ubusuku nemini ukuze niphumule kubona nokuthi nifune umusa wakhe nokuthi nibonge.

74. Nangosuku lapho eyobe ebabiza bese ethi, "baphi abahlanganyeli bami labo enanibenza na".

75. Futhi siyokhipha ufakazi kuzona zonke izizwe bese sithi, "lethani ubufakazi benu ngakho-ke bayokwazi ukuthi iqiniso ngelikaMvelinqangi futhi kuyobalahlekela konke lokho ababekuqamba".

## *Isigaba sesishiyagalombili (8)*

76. Ngempela uQarun wayengomunye wabantu bakaMose kepha wababahlupha futhi samupha emnothweni izikhiye zawo zingaba ngumthwalo wamadoda aqatha, khumbula ngenkathi

abantu bakhe bethi kuyena "ungesasi ngempela uMvelinqangi akabathandi abesasayo.

77. Kepha funa indawo yokuhlala yempilo ezayo ngalokho uMvelinqangi akunika kona futhi ungayikhohlwa ingxenye yakho kulomhlaba wenze okuhle njengoba uMvelinqangi wenza okuhle kuwena futhi ungafuni ukwenza ukona emhlabeni, ngempela uMvelinqangi akazithandi izoni.

78. Wathi, "kuphela nginikiwe lokhu ngenxa yolwazi enginalo, wayengazi yini ukuthi uMvelinqangi wazibhubhisa izizukulwane ngaphambilini kwakhe ezazinamandla kunaye futhi zazizininingi kakhulu ngenani futhi angeke zibuzwe izoni ngezono zazo.

79. Ngakho-ke waphuma waya kubantu bakhe ewubukhazikhazi wathi, "labo abafisa impilo yalomhlaba, Oh! Sifisa sengathi singaba nako konke lokho okwanikwa uQarun ngempela yena unenhlanhla enkulu.

80. Kepha labo ababenikezwe ulwazi bathi "usizi kunina! umvuzo kaMvelinqangi ungcono kunoma ngabe ngubana okholwayo futhi owenza izenzo ezinhle ezilungileyo abekho abemukeliswa lokho ngaphandle kwababekezelayo.

81. Ngakho-ke sawenza umhlaba ukuthi umgwinye kanye nendlu yakhe futhi wayengenalo iqembu elalizomelekelela ukubhekana noMvelinqangi futhi wayengeke akwazi ukuzivikela.

82. Futhi labo ababefisa isikhundla sakhe ngayizolo baqala bathi, "Oh ngempela! NguMvelinqangi owandisa isabelo kunoma ngabe ngubani amthandayo ezincekwini zakhe noma asinciphise (isabelo), ukube uMvelinqangi wayengenawo umusa kuthina wayezokwenza ukuthi umhlaba usigwinye, Oh labo abangakholwa! angeke baphunyeleliswe.

***Isigaba sesishiyagalolunye (9)***

83. Leyondawo yokuhlala yempilo ezayo siyoyibekela labo abangathandi ukuziphakamisa nokona emhlabeni futhi isiphetho (esihle) esalabo abenza okulungileyo.
84. Noma ngabe ngubani oletha okuhle ngakho-ke okwakhe kuyoba okuhle kunako, futhi noma ngabe ngubani oletha izenzo ezimbi, ngakho-ke angeke abanike umvuzo labo abenza izenzo ezimbi ngaphandle kwalokho ababekwenza.
85. Ngempela (u-Allah) lowo owenza iQur'an yaba yisibopho kuwena uzokwenza ukuthi uphindele endaweni yokuphindela ithi, "iNkosi yami yazi kabanzi ukuthi ngubani oletha ukuholwa nokuthi ngubani osekudukeni okucacile.
86. Futhi wawungalindele ukuthi incwadi iyokwembulwa kuwena kepha kungumusa ovela eNkosini yakho, ngakhoke ungabi ngumelekeleli wabangakholwa.
87. Futhi abangakuvimbeli emavesini ekushumayeleni ngezimpawu kaMvelinqangi emva kokuba esembuliwe kuwena, futhi memela eNkosini yakho futhi ungabi ngomunye wabakhonza izithombe.
88. Futhi ungambizi omunye unkulunkulu kanye noMvelinqangi akekho onelungelo lokukhonzwa ngaphandle kwakhe, zonke izinto ziyobhubha ngaphandle kobuso bakhe kungokwakhe ukwehlulela futhi niyophindiselwa kuyena.

# (29)
# Al-Ankabut-Isicabucabu

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. ALIF LAM MEEM.
2. Ngakube abantu bacabanga ukuthi bayekwe bathi, "siyakholwa futhi bona angeke balingwe yini?".
3. Futhi ngempela sabalinga labo ababengaphambilini kwabo ngakho-ke uMvelinqangi uyabazi labo abaneqiniso futhi uyabazi abaqamba amanga.
4. Noma labo abenza izenzo ezimbi bacabanga ukuthi bangasidlula na? okubi yilokho abakwehlulelayo.
5. Noma ngabe ngubani owethemba ukuhlangana noMvelinqangi ngakho-ke ngempela isikhathi sikaMvelinqangi siyeza futhi yena ungozwayo owaziyo.
6. Futhi noma ngabe ngubani ozabalazayo kuphela uzabalazela umphefumulo wakhe ngempela uMvelinqangi akadingi lutho emhlabeni.
7. Futhi labo abakholwayo benze imisebenzi elungileyo ngempela siyobasula ububi babo bese sibanika umvuzo omuhle kakhulu kwaloko ababekwenza.
8. Futhi siyale umntu ukuthi enze okuhle kubazali bakhe kepha uma bezabalaza ukukwenza ukuthi ungenzele abahlanganyeli ekungikhonzeni lokho ongenalo ulwazi ngako ungabahloniphi bobabili kukumina ukuphindela kwenu bese nginitshela ngalokho enanikwenza.
9. Futhi labo abakholwayo bese benza izenzo ezilungileyo ngempela siyobangenisa phakathi kwabalungileyo.
10. Futhi phakathi kwabantu kunalabo abathi, "siyakholwa kuMvelinqangi" kepha uma behlushwa ngenxa kaMvelinqangi

bathatha ukulingwa kwabantu njengesijeziso sikaMvelinqangi uma sekufika usizo oluvela eNkosini yakho bathi, "ngempela thina sasikanye nani" akusiyena yini uMvelinqangi owazi kangcono ngalokho okusezifubeni zemihlaba (zabantu namajinn) na?.

11. Futhi ngempela uMvelinqangi uyabazi labo abakholwayo futhi ngempela uyabazi abazenzisi (emva kokubalinga).
12. Futhi labo abangakholwa bathi kulabo abakholwayo "landelani indlela yethu ukuze sithwale izono zenu kulapho bona bengeke bathwale lutho lwezono zabo ngempela bona baqamba amanga.
13. Futhi ngempela bayoyithwala imithwalo yabo neminye imithwalo kanye nemithwalo yabo futhi ngempela bayobuzwa ngosuku lokuvuka kwabafileyo mayelana nalokho ababekuqamba.

***Isigaba sesibili (2)***

14. Futhi ngampela samthumela uNowa ebantwini bakhe wayesehlala phakathi kwabo iminyaka eyinkulungwane ngaphandle kweminyaka engamashumi amahlanu ngakho-ke uzamcolo wabathatha kulapho bona beyizoni.
15. Ngakho-ke samsindisa kanye nalabo ababesemkhunjini futhi sakwenza lokho kwaba yisifundo emihlabeni.
16. No-Abraham khumbula ngenkathi ethi kubantu bakhe, "khonzani uMvelinqangi futhi nimesabe lokho kungcono kunina ukube benazi".
17. Kuphela nikhonza izithombe esikhundleni sikaMvelinqangi futhi niqamba amanga ngempela labo enibakhonzayo esikhundleni sikaMvelinqangi abanawo amandla okunika isabelo, ngakho-ke sifuneni kuMvelinqangi isabelo futhi mkhonzeni, futhi nimbonge niyophindiselwa kuyena.

18. Futhi uma niwuphika (umyalezo) ngempela izizwe zawuphika ngaphambilini kwenu futhi awukho umsebenzi ophezu kwesithunywa ngaphandle kokudlulisela umyalezo ocacile.
19. Aniboni yini ukuthi uMvelinqangi uyisungula kanjani indalo bese eyiveza kabusha ngempela lokho kulula kuMvelinqangi.
20. Ithi, "hambani ezweni nibone ukuthi wayisungula kanjani indalo bese uMvelinqangi eveza indalo yempilo ezayo, ngempela uMvelinqangi unamandla okwenza zonke izinto.
21. Ujezisa noma ngabe ngubani omthandayo futhi abenomusa kunoma ngabe ngubani omthandayo futhi niyophindiselwa kuyena.
22. Futhi nina aniphunyukile lapha emhlabeni nasezulwini futhi ngaphandle kukaMvelinqangi aninaye omunye umvikeli nomsizi.

***Isigaba sesithathu (3)***

23. Futhi labo abangakholelwa emavesini kaMvelinqangi nasekuhlanganeni naye labo-ke abanalo ithemba emseni wami futhi labo okwabo yisijeziso esibuhlungu.
24. Ngakho-ke ayibangalutho impendulo yabantu bakhe ngaphandle kokuthi bathi "mbulaleni noma nimshise", kepha uMvelinqangi wamsindisa emlilweni ngempela kulokho kunezimpawu ebantwini abakholwayo.
25. Futhi wathi, "kuphela nizithathele izithombe esikhundleni sikaMvelinqangi ngenxa yobungane phakathi kwenu empilweni yalomhlaba besekuthi ngosuku lokuvula kwabafikeleyo abanye benu baphike abanye futhi abanye benu bayoqalekisa abanye futhi indawo yenu yokuhlala kuyoba ngumlilo futhi angeke nibe nabo abasizi".
26. Wakholwa kuye uLothi wayesethi, "ngempela mina ngizoba ngoshiya ikhaya lami ngiye eNkosini yami ngempela yona iphakeme ngamandla inobuhlakani".

27. Futhi (u-Abraham) samupha u-Isaka noJakobe futhi enzalweni yakhe sabeka ubuphrofethi kanye nencwadi futhi samnikeza umvuzo wakhe kulomhlaba futhi ngempela yena empilweni ezayo uyokuba ngomunye wabalungileyo.
28. NoLothi khumbula ngenkathi ethi ebantwini bakhe, "ngempela nina nenza ukukhohlakala eningakaze nedlulwe ngisho noma umuntu oyedwa kukona emihlabeni.
29. Ngakube nina niza emadodeni futhi niphazamisa emgaqweni (niphanga izihambi) futhi emhlanganweni wenu nenza izenzo ezimbi ngakho-ke yayingelutho impendulo yabantu bakhe ngaphandle kokuthi bathi "silethele isijeziso sikaMvelinqangi uma kungukuthi wena ungomunye wabaneqiniso.
30. Wathi, "Nkosi yami ngelekelele ebantwini abayizoni".

***Isigaba sesine (4)***

31. Futhi kwathi lapho sezifika izithunywa zethu ku-Abraham nezindaba ezinhle zathi "ngempela thina sizobabhubhisa abantu baledolobha ngempela abantu balo babeyizoni".
32. Wathi, "ngempela kulona kunoLothi" zathi "thina sazi kangcono ukuthi ngubani okulona ngempela sizomsindisa kanye nomndeni wakhe ngaphandle konkosikazi wakhe wayengomunye wabasalela ngemumva".
33. Futhi kwathi lapho izithunywa zethu sezifika waba lusizi ngenxa yazo wahamba elusizi ngenxa yazo zathi "ungesabi futhi ungaphatheki kabi ngempela thina sizokusindisa kanye nomndeni wakho ngaphandle konkosikazi wakho ungomunye wabasalela ngemumva".
34. Ngempela thina siyokwehlisela phezu kwabantu balelidolobha isijeziso esivela ezulwini ngenxa yokuthi bebephula umthetho.
35. Futhi ngempela salushiya kulona uphawu olucacile kubantu abaqondayo.

36. NaseMidyani sathumela umfowabo uShuayb wathi, "Oh bantu bami! khonzani uMvelinqangi nithembe (umvuzo) wosuku lokugcina futhi ningenzi ububi ezweni njengezikhohlakali".
37. Ngakho-ke bamphika basebethathwa ukuzamazama komhlaba basala bedindilizile ezindlini zabo.
38. No-A'D noThamund (ukubuyiswa kwabo) kwacaca kunina ezindlini zabo futhi uSathane wayenza yabukeka imihle kubona imisebenzi yabo wayesebavimbela endleleni (eqondile) kulapho bebhekile.
39. NoQarun noFaro noHaman futhi ngempela uMose wafika kubona nezimpawu ezicacile kepha bazikhukhumeza emhlabeni futhi babengeke baphunyuke (esijezisweni).
40. Ngakho-ke ngamunye sambamba ngesono sakhe phakathi kwabo kunalabo esabathumelela ngesichotho futhi phakathi kwabo kunalabo abathathwa ngumsindo owesabekayo futhi phakathi kwabo kunalabo esabagwinyisa ngomhlabathi futhi phakathi kwabo kunalabo esabaminzisa futhi akusiyena uMvelinqangi owenza okungalungile kubona kepha imiphefumulo yabo eyenza okungalungile.
41. Isibonelo salabo abathatha (onkulunkulu bamanga) njengabavikeli esikhundleni sikaMvelinqangi sifana nesicabucabu esakha indlu futhi ngempela ezindlini eziyizintengentenge kakhulu yindlu yesicabucabu ukube nje babazi.
42. Ngempela uMvelinqangi wazi noma ngabe yini abayimemezayo esikhundleni sakhe futhi yena uphakekeme ngamandla unobuhlakani.
43. Futhi lezo yizibonelo esizenzela abantu futhi akekho oziqondayo ngaphandle kwabafundile.
44. UMvelinqangi wadala amazulu nomhlaba ngeqiniso, ngempela kulokho kunophawu kwabakholwayo.
45. Funda lokho okwembulwa kuwena okusencwadini futhi wenze umthandazo, ngempela umthandazo wenqabela

ezonweni nasezenzweni ezimbi futhi ngempela inkumbulo kaMvelinqangi yinkulu kakhulu, futhi uMvelinqangi uyakwazi lokho enikwenzayo.



## *Isigaba sesihlanu (5)*

46. Futhi ningaphikisani nabantu bencwadi ngaphandle kwaleyo (ndlela) engcono kakhulu, ngaphandle kwalabo abenza okungalungile phakathi kwabo futhi yithini, "siyakholwa kulokho okwambulwa kuthina nokwambulwa kunina futhi uNkulunkulu wethu noNkulunkulu wenu munye futhi thina siyazithoba ngaphansi kwentando yakhe.
47. Futhi sayembula kanjalo kuwena incwadi ngakho-ke labo esabanika incwadi bayakhokhelwa kuyona futhi phakathi kwalaba kunalabo abakholelwa kuyona, abekho abawaphikayo amavesi ethu ngaphandle kwabangakholwa.
48. Futhi awuzange uyifunde enye incwadi ngaphambilini kwayo lencwadi noma uyibhale ngesandla sakho sokudla, kepha abaqambi bamanga basekungabazeni.
49. Qhabo! Wona angamavesi acacile ezinhliziyweni zalabo abesekwa ngolwazi, futhi abekho abawaphikayo amavesi ethu ngaphandle kwabayizoni.
50. Futhi bathi, "kungani zingahliselwanga phansi kuyena izimpawu ezivela eNkosini yakhe na?" ithi "kuphela izimpawu zikuMvelinqangi futhi kuphela mina ngingumxwayisi ogqamile".
51. Akwanele yini kubona ukuthi thina sembule kuwena incwadi abafundelwa yona, ngempela kulokho kunomusa nesikhumbuzo kubantu abakholwayo.

***Isigaba sesithupha (6)***

52. Ithi, "Wanele uMvelinqangi ukuba ngufakazi phakathi kwami nani wazi noma ngabe yini esemazulwini nasemhlabeni futhi labo abakholelwa emangeni futhi abangakholelwa kuMvelinqangi labo – ke bona bangabalahlekelweyo.
53. Futhi bayakucela ukuthi usheshisa isijeziso, Ukuba kwakungesingenxa yesikhathi esinqunyiwe sasiyofika kubona isijeziso, futhi sasiyofika kubona bengazelele ngokuphazima kweso kulapho bona bengaboni.
54. Bayakucela ukuthi usheshise isijeziso futhi ngempela isihogo siyobazungeza abangakholwa.
55. Ngosuku lapho isijeziso siyokubamboza siqhamuka ngaphezulu kwabo nangaphansi kwezinyawo zabo futhi uyothi"yizwani enanivamise ukukwenza.
56. Oh zinceku zami! Ezikholwayo ngempela umhlaba wami ubanzi Ngakho-ke khonzani mina ngedwa.
57. Yonke imiphefumulo iyozwa ukufa bese nibuyiselwa kuthina.
58. Futhi labo abakholwayo futhi abenza imisebenzi elungileyo ngempela siyobanika izindawo zokuhlala ezulwini (esivandeni) okugeleza ngaphansi kwaso imifula bayohlala lapho phakathi ingunaphakade, umvuzo omuhle kakhulu wabasebenzayo.
59. Labo ababekezelayo futhi abathembela eNkosini yabo.
60. Futhi zingaki izidalwa ezingaziphethe izabelo zazo na? NguMvelinqangi ozipha isabelo kanye nani futhi yena ungozwayo owaziyo.
61. Futhi ukuba ubuzobabuza ukuthi ngubani owadala amazulu nomhlaba futhi wabeka ilanga nenyanga na? Bayothi ngempela "nguMvelinqangi kwenzeka kanjani ukuthi bachezuke (endleleni eqondile) na?".
62. UMvelinqangi welulela isipho kunoma ngabe ngubani amthandayo ezincekwini zakhe futhi ambeke esimweni sobuphofu, ngempela uMvelinqangi uyisazi sazozonke izinto.

63. Futhi uma ubabuza ukuthi ngubani owehlisela phansi amanzi (imvula) avela esibhakabhakeni bese evusa ngawo umhlaba emva kokufa kwawo na? ngempela bayothi, "nguMvelinqangi"yithi, "udumo malube kuMvelinqangi" kepha iningi labo alinawo umqondo.

***Isigaba sesikhombisa (7)***

64. Futhi impilo yalomhlaba ayiyilutho ngaphandle kokuthi iyinjabulo nomdlalo, futhi ngempela ikhaya lempilo ezayo lingelempilo (yangunaphakade) ukube nje bebazi.
65. Ngakho-ke uma sebegibela emkhujini babiza uMvelinqangi ngobuqotho inkolo ingeyakhe (kuphela) kepha kwathi lapho ebasindisa ebafikisa emhlabeni kwaba yilapho bona bemenzela abahlanganyeli ekumkhonzeni.
66. Ukuze bangakubongi lokho esabapha kona futhi bazithokozise, kepha bayokwazi.
67. Ababoni yini ukuthi sayenza indawo engcwele yaphepha kulapho bethathwa ngenkani abantu emaceleni abo ngakube bakholelwa enkohlakalweni bangakholelwa emseni ka Mvelinqangi na?.
68. Futhi ngubani ongenabulungiswa kakhulu kunalowo oqambela uMvelinqangi amanga noma ophika iqiniso kulapho selifikile kuyena na? Akusona yini isihogo indawo yokuhlala abangakholwayo na?
69. Futhi labo abazabalaza kanzima (endleleni) yethu ngempela siyobaholela endleleni yethu futhi ngempela uMveleinqangi ukanye nabenzi bokuhle.

# (30)
# Al-Rum – AbaseRoma

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. ALIF LAM MEEM.
2. AbaseRoma banqontshwa.
3. Ezweni eliseduzane futhi bona emva kokuhlulwa kwabo bayonqoba.
4. Eminyakeni emibalwa, isinqumo singesikaMvelingangi ngemuva nangaphambili futhi ngalolosuku amakholwa ayojabula.
5. Ngenxa yosizo lukaMvelinqangi usiza noma ngabe ngubani amthandayo futhi yena uphakeme ngamandla unesihawu.
6. Isethembiso sika Mvelinqangi, uMvelinqangi akasephuli isethembiso sakhe kepha iningi labantu alazi.
7. Bazi okubonakalayo kwempilo yalomhlaba, futhi bona abayinakile impilo ezayo.
8. Abacabangi yini uqobo lwabo ukuthi uMvelinqangi akawadalanga amazulu nomhlaba kanye nako konke okuphakathi kwako kokubili. Ngaphandle kweqiniso nangokwesikhathi esimisiweyo na? futhi ngempela iningi labantu liyiziphiki ngokuhlangana neNkosi yabo.
9. Abahambanga yini emhlabeni ukuze babone ukuthi sasinjani isiphetho salabo ababengaphambilini kwabo na? Babenamandla ngaphezu kwabo futhi babewulima umhlabathi futhi bahlala kuwona isikhathi eside ngokwedlulele kunokuhlala kwalaba, futhi zafika kubona izithunywa zabo nezimpawu ezicacile, ngakho-ke kwangungesiyena uMvelinqangi owenza okungalungile kubona kepha yimiphefumulo yabo eyenza okungalungile.

10. Khona manjalo isiphetho salabo ababenza okubi sasisibi ngokuba babewaphika amavesi kaMvelinqangi futhi babewenza inhlekisa.

***Isigaba sesibili (2)***

11. UMvelinqangi usungula indalo bese eyiphinda bese nibuyiselwa kuyena.
12. Futhi ngosuku ekuyofika ngalo ihora izoni ziyophelelisswa ngethemba.
13. Futhi angeke babenabo abakhulumeli phakathi kwezithixo zabo futhi bayoziphika izithixo zabo.
14. Futhi ngosuku ekuyofika ngalo ihora, ngalolosuku bayohlukaniswa.
15. Ngakho-ke labo abakholwayo futhi abenza izenzo ezinhle ezilungileyo bayokuba sengadini yentokozo.
16. Futhi labo abangakholwanga abaphika amavesi ethu kanye nokuhlangana kwempilo ezayo labo bayolethwa esijezisweni.
17. Ngakho-ke udumo malube kuMvelinqangi ngenkathi ningena kusihlwa nangenkathi ningena ekuseni.
18. Futhi udumo lungolwakho emazulwini nasemhlabeni nasebusuku nasemini.
19. Uveza ophilayo kofileyo futhi uveza ofile kophilayo futhi uphilisa umhlaba emva kokufa kwawo futhi niyovezwa kanjalo.

***Isigaba sesithathu (3)***

20. Futhi olunye lwezimpawu zakhe (uMvelinqangi) ukuthi wanidala ngothuli kwase kuthi uma nina seningabantu nahlakazeka.
21. Futhi olunye lwezimpawu zakhe ukuthi wanidalela amakhosikazi phakathi kwenu ukuze niphumule kuwona

futhi phakathi kwenu wabeka uthando nomusa, ngempela kulokho kunezimpawu (nezifundo) ebantwini abacabangayo.

22. Futhi olunye lwezimpawu zakhe yindalo yamazulu nomhlaba nokwehlukahlukana kwezilimi zenu kanye nemibala yenu, ngempela kulokho kunezimpawu kwababafundile.

23. Futhi olunye lwezimpawu zakhe ukulala kwenu ebusuku nasemini nokufuna kwenu ububele bakhe, ngempela kulokho kunezimpawu ebantwini abezwayo.

24. Futhi oluye lwezimpawu zakhe ukuthi unikhombisa umbani wokwesaba nowokunika ithemba futhi wehlisela phansi amanzi (imvula) evela esibhakabhakeni bese ephilisa ngayo umhlaba emva kokufa kwawo, ngempela kulokho kunezimpawu ebantwini abanomqondo.

25. Futhi olunye lwezimpawu zakhe wukuthi izulu nomhlaba kumile ngomyalelo wakhe kuyothi uma enibiza ubizo olulodwa emhlabeni bheka! Nina niyoza.

26. Futhi ungowakhe noma ngabe ngubani osemazulwini nasemhlabeni bonke bayamhlonipha.

27. Futhi nguyena osungula indalo bese eyiphinda, futhi lokho kulula kakhulu kuyena, futhi umfanekiso wakhe uphakeme kakhulu emazulwini nasemhlabeni futhi yena uphakeme ngamandla anobuhlakani.

## ***Isigaba sesine (4)***

28. Wanenzela isibonele emiphefumulweni yenu. Ngakube ninabo yini kulabo abasezandleni zenu zangakwezokudla abahlanganyeli kulokhu esabela kona ngakho-ke nina niyalingana kukona niyabesaba njengoba nesabana nina uqobo lwenu, siwachaza kanjalo ngokucacile amavesi kubantu abanomqondo.

29. Kepha labo abangalungile balandela izifiso zabo ngaphandle kolwazi, ngakho-ke ngubani ongahola lowo uMvelinqangi amshiye ekudukeni na? futhi angeke babenabo abelekeleli.
30. Ngakho-ke bhekisa ubuso bakho enkolweni ngobuqotho, indalo kaMvelinqangi okuyiyona adalela abantu kuyona ayingashintshwa indalo kaMvelinqangi, leyo yinkolo eqondile kepha iningi labantu alazi.
31. Wanidala ngendlela yokuthi njalo niphendukele kuye ngokuzisola, futhi nimesabe futhi nenze umthandazo futhi ningabi ngabanye balabo abenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni.
32. Owalabo abahlukanisa inkolo yabo babe ngamaqembu, iqembu neqembu lijabulela loko elinako.
33. Futhi uma inhlupheko ibathinta abantu babiza iNkosi yabo bephendukela kuyona ngokuzisola besekuthi uma ibazwisa umusa wayo kubeyilapho iqembu phakathi kwabo lenzela iNkosi yalo abahlanganyeli ekuyikhonzeni. Ukuze bangabongi ngalokho esabapha kona, ngakho-ke zithokoziseni (okwesikhashana) kepha nizokwazi.
34. Noma ngabe selehlisela phansi kubona igunya (incwadi) ekhuluma ngalokho ababenzela ngakho uMvelinqangi abahlanganyeli na?
35. Futhi kwathi lapho sesibazwisa abantu umusa bawuthokozela futhi uma behlelwa okubi ngenxa yalokho okulethwe ngaphambili yizandla zabo bheka! baphelelwa yithemba.
36. Ababoni yini ukuthi uMvelinqangi isabelo uselulela noma ngabe ngubani amthandayo futhi asinciphise (kunoma ngabe ngubani amthandayo) ngempela kulokho kunezimpawu ebantwini abakholwayo.
37. Ngakho-ke nikeza isihlobo okusifanele noswele kanye nesihambi lokho kuhle kulabo abafuna ubuso bukaMvelinqangi futhi bayilabo abayophumelela.

38. Futhi noma ngabe yini eniphisana ngayo njengesipho ukuze kwande engcebweni yabantu ngakho-ke ayandi kuMvelinqangi futhi noma ngabe yini eniyinikelayo njengeZakaah (ingxenye yengcebo ekhokhwa kwabampofu) nifisa ubuso bukaMvelinqangi, ngakho-ke labo bayophindaphindelwa kaningi.
39. Umvelinqangi nguyena owanidala wayeseninika isabelo futhi uyokwenza ukuthi nife bese eniphilisa, ngakube ukhona yini phakathi kwabahlanganyeli (izithombeni) zenu ongenza okuthize okufana nalokhu na? Udumo malube kuye futhi uphakeme ngaphezu kwalokho abakuhlanganisa naye.

***Isigaba sesihlanu (5)***

40. Ububi bavela ezweni nasolwandle ngenxa yalokho okwavunwa yizandla zabantu, ukuze abenze ukuthi bezwe ingxenye yalokho ababekwenza ukuze babuye.
41. Yithi, "hambani ezweni bese niyabona ukuthi sasinjani isiphetho salabo ababengaphambilini, iningi labo laliyizikhonzi zezithombe".
42. Ngakho-ke bhekisa ubuso bakho enkolweni eqondile ngaphambi kokuba kufike usuku oluvela kuMvelinqangi akekho ongalugwema, ngalolosuku bayohlukaniswa.
43. Noma ngabe ngubani ongakholwa uyohlukumezeka ngokungakholwa kwakhe futhi noma ngabe ngubani owenza imisebenzi emihle elungileyo ngakho-ke balungiselela imiphefumulo yabo indawo enhle.
44. Ukuze abanike umvuzo emseni wakhe labo abakholwayo futhi abenza izenzo ezinhle ezilungeleyo, ngempela yena akabathandi abangakholwa.
45. Futhi olunye lwezimpawu zakhe ukuthi uthumela imimoya ithwele izindaba ezinhle futhi anizwise emseni wakhe nokuthi

imikhumbi ihambe ngemponqo yakhe nokuthi nifune umusa wakhe ukuze nibe nokubonga.

46. Futhi ngempela sazithumela ngaphambilini kwakho izithunywa ebantwini bazo zafika kubona neziqinisekiso ezicacile sabe sesiyaziphindisela kulabo abayizoni futhi kufanelekile kuthina ukulekelela abakholwayo.

47. UMvelinqangi nguyena othumela imimoya ukuze iphakamise amafu bese ewandlala esibhakabhakeni ngokuthanda kwakhe futhi uwenza izicucu bese ubona imvula iphuma phakathi kwawo, ngakho-ke uma eseyehlisele phezu kwalowo amthandayo ezincekwini zakhe bheka! zona ziyajabula.

48. Futhi ngaphambi kokuba yehliselwe phezu kwabo ngaphambilini kwayo ngempela babephelelwe yithemba.

49. Ngakho-ke bheka izimpawu zomusa kaMvelinqangi ukuthi uwuvusa kanjani umhlaba emva kokufa kwawo, ngempela lowo uyokuba ngumvusi wabafileyo futhi yena unamandla ngaphezu kwezinto zonke.

50. Futhi uma sithumela umoya bese bewubona uphuzi ngempela bazoduka emva kwalokho bangakholwa.

51. Ngakho-ke ngempela wena awukwazi ukwenza abafile bezwe futhi awukwazi ukwenza izithuli zizwe ukumenyezwa kulapho ziphenduka zibheka emuva.

52. Futhi wena awusiyena umholi wezimpumputhe ekudukeni kwazo, awenzi ukuthi bezwe ngaphandlle kwalabo abakholelwa amavesini ethu kulapho bona bezithobile ngaphansi kwentando kaMvelinqangi.

***<u>Isigaba sesithupha (6)</u>***

53. NguMvelinqangi owanidala (esimweni) sobuntekenteke emuva kobuntekenteke wenza amandla emva kwamandla wayesenza ubuntekenteke nezinwele ezimpunga. Udala noma ngabe yini ayithandayo futhi yena uyisazi ungusomandla.

54. Futhi ngosuku ekuyofika ngalo ihora izoni ziyofunga ukuthi azihlalanga ngaphandle kwesikhathi esiyihora. Kanjalo zididisiwe ngasosonke isikhathi.
55. Futhi labo abanikwa ulwazi nokholo bayothi, "ngempela nahlala ngokunqunywe nguMvelinqangi kuze kube usuku lokuvuka kwabafileyo ngakho-ke yilo lolusuku lokuvuka kwabafileyo, kepha nina naningazi.
56. Ngakho-ke ngalolosuku labo ababeyizoni izaba labo angeke lisize ngalutho angeke banikwe ithuba (lokwenza okulungileyo).
57. Futhi ngempela sabenzela abantu zonke izibonelo kuleQur'an futhi uma ubalethela uphawu noma isiqiniseko ngempela labo abangakholwanga bangathi "nina aniyilutho ngaphandle kwabalandeli benkohliso".
58. Ngakho ke uzivala kanjalo uMvelinqangi izinhliziyo zalabo abangazi.
59. Ngakho-ke bekezela ngempela isethembiso sikaMvelinqangi siyiqiniso futhi abangakudumazi inhliziyo labo abangenako ukuqiniseka enkolweni.

# (31)
# Al-Luqman-uLuqman

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. ALIF LAM MEEM.
2. Lawa ngamavesi encwadi enobuhlakani.
3. Ukuholwa nomusa kwabenzi bokuhle.
4. Labo abenza umthandazo futhi abakhokha izakaah (ingxenye yengcebo ekhokhwa kwabampofu) futhi bona baqinisekile ngokukholelwa empilweni ezayo.
5. Labo-ke basekuholweni okuvela eNkosini yabo futhi labo bangabaphumeleleyo.
6. Futhi phakathi kwabantu kunalowo othenga inkulumo eyize ukuze adukise (ngayo abantu) endleleni kaMvelinqangi ngaphandle kolwazi futhi ayenze inhlekisa, labo-ke okwabo yisijeziso esidumazayo.
7. Futhi uma efundelwa amavesi ethu uyafulathela ngokuzigqaja kube sengathi angakwenza kube sengathi ezindlebeni zakhe zombili kunobuthuli ngakho-ke mtshele ngesijeziso esibuhlungu.
8. Ngempela labo abakholwayo futhi abenza imisebenzi emihle okwabo yizivande zenjabulo.
9. Bahlale khona ingunaphakade, isethembiso sikamvelinqangi siyiqiniso futhi yena uphakeme ngamandla unobuhlakani.
10. Wadala amazulu angenazo izisekelo enizibonayo futhi wabeka izintaba emhlabeni hleze uzamazame nani futhi wasakaza kuwona zonke izihlobo zezilwane futhi sehlisela phansi amanzi avela esibhakabhakeni sabe sesikhulisa kuwona zonke izihlobo (zezithombo) ezingambili ezinhle.

11. Lena yindalo kaMvelinqangi ngakho-ke ngikhombiseni ukuthi badalani labo ngaphandle (kwendalo) yakhe, qhabo izoni zisekudukeni okugqamile.

## *Isigaba sesibili (2)*

12. Futhi ngempela samupha ubuhlakani uLuqman ukhuthi makabonge uMvelinqangi futhi noma ngabe ngubani obangayo kuphela ubongela umphefumulo wakhe futhi noma ngabe ngubani ongabongi ngakho-ke ngempela uMvelinqangi akadingi lutho ufanelwe ukudunyiswa

13. Futhi (khumbula) ngenkathi uLuqman ethi endodaneni yakhe ngenkathi eyeluleka "Oh ndodana yami! Ungamenzeli uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni ngempela ukwenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni kungukona okukhulu ngempela".

14. Futhi samyala umuntu ukuthi enze okuhle kubona bobabili abazali bakhe, unina wayemkhulelwa ngobuthakathaka nangobunzima phezu kobuthakathaka nobunzima, ukukhumulwa kwakhe (ebeleni) kuseminyakeni emibili, bonga mina (Mvelinqangi) kanye nabazali bakho bobabili kukumina ukufinyelela kokugcina.

15. Futhi uma bezabalaza kanye nawe ukukwenza ukuthi ungenzele abahlanganyeli ekungikhonzeni lokho ongenalo ulwazi ngako ngakho-ke bobabili ungabahloniphi futhi gcina ubudlelwano obumnene nabo bobabili kulomhlaba futhi landela indlela yalowo ozisolayo kumina ngakho-ke kukumina ukuphindela kwenu bese nginitshela ngalokhu ananikwenza.

16. Oh ndodana yami! Noma ngabe yini engangesisindo sohlamvu lwemastad noma ngabe kusedwalweni noma kusemazulwini noma kusemhlabeni uMvelinqangi uyoza nako, ngempela uMvelinqangi umnene uyazi.

17. Oh Ndodana yami! Yenza umthandazo futhi wenze okuhle okulungileyo wenqabele okubi futhi ubekezelele noma ngabe yini ekuvelelayo ngempela lokho ngeminye yemiyalezo (yezeluleko) ezibalulekile.
18. Futhi ungabuphenduleli ubuso bakho kubantu ngokwedelela Futhi ungahambi ezweni ngokuqholosha ngempela uMvelinqangi akabathandi bonke abaqholoshayo abazidlayo.
19. Futhi zithobe ekuhambeni kwakho futhi wehlise izwi lakho (uma ukhuluma) ngempela ukubhonga okubi kakhulu ukubhonga kwembongolo.

***Isigaba sesithathu (3)***

20. Aniboni yini ukuthi uMvelinqangi wenza noma yini esemazulwini yanithobela nanoma yini esemhlabeni futhi waphelelisa umusa wakhe phezu kwenu ngokugqamile nangokufihlekile futhi phakathi kwabantu kunalowo owenza impikiswano ngoMvelinqangi Ngaphandle kolwazi noma ngokuholwa noma ngencwadi ekhanyayo.
21. Futhi uma kuthiwa kubona landelani lokho okwembulwa nguMvelinqangi bathi qha silandela lokho esafica obaba bethu bekukona yize noma ngabe usathane ebamemela esijezisweni somlilo nizobalandela na?.
22. Futhi noma ngabe ngubani othobisa ubuso bakhe kuMvelinqangi futhi yena engumenzi wokuhle ngempela ubambelele esibambelelweni esiqinile futhi sikuMvelinqangi isiphetho sezindaba.
23. Futhi noma ngabe ngubani ongakholwa akungakuphakathi kabi ukungakholwa kwakhe, kukuthina ukubuyela kwabo bese sibatshela ngalokho abebekwenza ngempela uMvelinqangi uyisazi salokho okusezifubeni.
24. Sibathokozisa okwesikhashane bese sibaphoqelela esijezisweni esinzima.

25. Futhi uma ubabuza ukuthi ngubani owadala amazulu nomhlaba? Ngempela bayothi "nguMvelinqangi" ithi udumo malube kuMvelinqangi kepha iningi labo alazi.
26. IngelikaMvelinqangi noma ngabe yini esemazulwini nasemhlabeni ngempela uMvelinqangi akadingi lutho ufanelwe ukudunyiswa.
27. Futhi ukube zonke izihlahla emhlabeni zazingamapeni, nolwandle nezinye izilwandle eziyisikhombisa ezenezeleliwe emva kwalo (njengoyinki wokubhala amazwi kaMvelinqangi) amazwi ka Mvelinqangi ayengeke aphelele. Ngempela uMvelinqangi uphakeme ngamandla unobuhlakani.
28. Ukudalwa kwenu nokuvuswa kwenu kwabafileyo akuyilutho kepha kunjengomphefumulo owodwa, ngempela uMvelinqangi uyezwa uyabona.
29. Awuboni yini ukuthi uMvelinqangi wenza ukuthi ubusuku bungene osukwini futhi wenza ukuthi usuku lungene ebusukwini futhi wenza ilanga nenyanga ngakunye kuhamba kuze kube yisikhathi esinqunyiwe nokuthi uMvelinqangi uyakwazi lokho enikwenzayo na?
30. Lokhu kungenxa yokuthi uMvelinqangi uyiqiiso nokuthi konke lokho abakumemezayo esikhundleni sakhe kungamanga nokuthi yena uphakeme, mkhulu.

***Isigaba sesine (4)***

31. Awuboni yini ukuthi imikhumbi ihamba olwandle ngomusa kaMvelinqangi ukuze anikhombise okunye kwezimpawu zakhe na? Ngempela kulokho kunezimpawu kubona bonke ababekezelayo, ababongayo.
32. Futhi uma bembozwa yigagasi libanjengomthunzi bamemeza uMvelinqangi beqotho kuye ngokholo, kepha uma esebasindisile wababeka emhlabathini, ngakho-ke phakathi kwabo kunalabo abamaphakathi (abanqikazayo ukuthi iyiphi

indlela ekufanele bayilandele) futhi abekho abawaphikayo amavesi ethu ngaphandle kwabo bonke abasalela ngemumva abangabongi.

33. Oh Bantu! Yesabani iNkosi yenu futhi nesabe usuku lapho engekho ubaba oyokwezuzela indodana yakhe futhi ayikho indodana eyokwezuzela uyise utho, ngempela isethembiso sikaMvelinqangi siyiqiniso ngakho-ke ningayivumeli impilo yalomhlaba inikhohlise futhi ningamvumeli umkhohlisi omkhulu usathane) anikhohlise ngoMvelinqangi.

34. Ngempela uMvelinqangi unolwazi lwehora futhi wehlisela phansi imvula futhi uyakwazi lokho okusezizalweni futhi akekho noma munye owaziyo ukuthi uzotholani kusasa. Futhi akekho owaziyo ukuthi uyofela komuphi umhlaba. Ngempela uMvelinqangi uyazi, welumukile.

# (32)
# Al-Sajdah – ukujabalala (ukuguqa phansi ngokuzithoba)

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. ALIF LAAM MEEM.
2. Isambulo sencwadi ekungenakungabaza kuyo ivela eNkosini yemihlaba.
3. Noma bathi wayiqamba qhabo! Yona iyiqiniso elivela eNkosini yakho ukuze uxwayise abantu ekungazange kufike kubona umxwayisi ngaphambilini kwakho, ukuze baholeleke (endleleni eqondile).
4. UMvelinqangi nguyena owadala amazulu nomhlaba kanye nako konke okuphakathi kwako kokubili ngezinsuku eziyisithupha wayesezibeka esihlalweni sobukhosi, aninaye omunye umvikela nomncengeli ngaphandle kwakhe anikhumbuli yini na?
5. Uhlela udaba kusuka ezulwini kuya emhlabeni bese elukhuphukisela kuyena ngosuku, isilinganiso sako esiyiminyaka eyinkulungwane njengoba nibala.
6. Leso yisazi sokungabonwayo kanye nokubonwayo esiphakeme ngamandla esinesihawu.
7. Okunguyena owenza zazinhle kakhulu izinto azidalayo wayesesungula indalo yomuntu ngothuli.
8. Wayesenza inzalo yakhe ngesidoda esiyamanzi anyanyekayo (akhululwa ngumuntu wesilisa nowesifazane uma besesimweni sokuhlangana).
9. Wayesemenza ngendlela efanelekile waphefumulela kuyena ngomphefumulo wakhe futhi wanenzela ukuzwa

(amadlebe) nokubona (amehlo) nezinhliziyo kuncane lokho enikubongayo.

10. Futhi bathi, "Uma sesidukile emhlabeni ngakube siyoba yindalo entsha yini na?" kepha bona bayakuphika ukuhlangana neNkosi yabo.
11. Ithi, "izokwenza ukuthi nife ingelosi yokufa okuyiyona ebekelwe ukuthi inigade bese nibuyiselwa eNkosini yenu".

***Isigaba sesibili (2)***

12. Futhi uma ungazibona izoni zigobise amakhanda azo ngaphambili kweNkosi yazo (zithi), "Nkosi yethu sibonile futhi sizwile ngakho-ke siphindisele emumva sizokwenza imisebenzi emihle elungileyo ngempela singamakholwa ngokuqinisekileyo.
13. Ukuba sasithanda sasizonikeza yonke imiphefumulo ukuholwa kwayo kepha izwi eliyiqiniso livela kuthina ukuthi siyogcwalisa isihogo ngamaJinn kanye nabantu ndawonye.
14. Ngakho-ke yizwani ngenxa yokuthi nakukhohlwa ukuhlangana ngalolusuku lwenu ngempela (nathi) sinikhohliwe futhi yizwani isijeziso esingapheliyo ngenxa yalokho enanikwenza.
15. Kuphela abakholelwa emavesini ethu yilapho okuthi uma bekhunjuziswa ngawo bawe phansi bazithobe futhi badumise ukuphakama kweNkosi yabo kulapho bona bengazigabisi.
16. Izinhlangothi zabo zishiya imibhede (yabo) bememeza iNkosi yabo ngokwesaba nangethemba futhi basebenzisa (banikela) kulokhu esibabele kona.
17. Ngakho-ke awukho umphefumulo owaziyo ukuthi yini eyifihlelwe bona engumvuzo othokozisa ihlo ngenxa yalokho ababekwenza.
18. Ngakube lowo oyikholwa uyefana yini nalowo oyisaphulamthetho na? Cha abalingani.

19. Futhi labo abakholwayo futhi abenza izenzo ezinhle ezilungileyo okwabo yizivande zokuhlala njengenjabulo ngenxa yalokho ababekwenza.
20. Futhi labo abephula umthetho indawo yabo yokuhlala kuyoba ngumlilo. Ngasosonke isikhathi uma befisa ukuphuma kuwona bayophindiselwa phakathi kuwona futhi kuyothiwa kubona yizwani isijeziso somlilo okuyisona nina enanisiphika
21. Futhi ngempela siyobazwisa isijeziso esincane ngaphambi kwesijeziso esikhulu ukuze (bayeke ukona).

***Isigaba sesibili (3)***

22. Futhi ngubani ongalungile kakhulu kunalowo okhunjuziswa ngamavesi eNkosi yakhe bese eyawafulathela ngempela siyoziphindisela kwabayizoni.
23. Futhi ngempela samnikeza uMose incwadi ngakho-ke ningabi sekungabazeni ekuhlanganeni nayo futhi sayenza yaba ukuhola kubantwana bakwa Israyeli.
24. Futhi sabeka abaholi phakathi kwabo abahola ngempoqo yethu kulapho bebekezela futhi babeqinisekile ngamavesi ethu.
25. Ngempela iNkosi yakho iyokwehlulela phakathi kwabo ngosuku lokuvuka kwabafileyo ngalokho ababephikisana kukona.
26. Akusikona yini ukuholwa kubona ukuthi zingaki izizukulwane esazibhubhisa ngaphambilini kwabo abahamba ezindlini zazo, ngempela kulokho kunezimpawu, ngakube abezwa yini na?
27. Ababoni yini ukuthi sathumela amanzi emhlabeni ongugwadile sabe sesiveza ngawo izitshalo ezidliwa yimfuyo yabo kanye nabo, ngakube ababoni yini na?
28. Futhi bathi "luyofika nini usuku lokwahlulela uma kungukuthi nina niqinisile na?

29. Ithi, "usuku lokwahlulela angeke lube lusizo kulabo abangakholwa (noma ngabe) bekholwa futhi angeke banikwe ithuba".
30. Ngakho-ke qhelelana nabo bese uyalinda ngempela bona bangalindileyo.

# (33)
# Al-Ahzab-Izinhlangano

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Oh Mphrofethi! Yesaba uMvelinqangi futhi ungabahloniphi abangakholwa kanye nabazenzisi, ngempela uMvelinqangi ngasosonke isikhathi uyisazi unobuhlakani.
2. Futhi landela lokho okwembuliwe kuwena okuvela eNkosini yakho ngempela uMvelinqangi ngasosonke isikhathi uyakwazi lokho enikwezayo.
3. Futhi thembela kuMvelinqangi futhi wanele uMvelinqangi njengomqaphi.
4. UMvelinqangi akekho umuntu amenzela izinhliziyo ezimbili ngaphakathi kuyena futhi akazange enze amakhosikazi enu lawo enenza isehlukaniso nawo ngokuthi nithi (enithi) imihlane yawo injengeyomama benu ukuthi angomama benu futhi akazange enze amadodana enu eniwatholile (lawo angenabo abazali) ukuthi angamadodana enu, lokho yinkulumo yenu eniyisho ngemilomo yenu futhi uMvelinqangi ukhuluma iqiniso futhi yena uholela endleleni (eqondile).
5. Babizeni ngaboyise lokhu kulungile kakhulu kuMvelinqangi kepha uma ningabazi oyise ngakho-ke bangabafowenu enkolweni nabangane benu futhi alikho icala kunina kulokho enenze kukona iphutha ngaphandle kwalokho izinhliziyo zenu ezikuqondile futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi uyathethelela unesihawu.
6. Umphrofethi usondele kakhulu kwababakholwayo ngaphezu kwabo uqobo. Futhi amakhosikazi akhe angonina (bababakholwayo) futhi izihlobo ngobudlelwano zisondelene ezinye zazo kwezinye ngokwesimememezelo sikaMvelinqangi

kunabakholwayo nabafuduki ngaphandle kokuba uma nenze okuhle ebanganeni benu, lokhu kubhaliwe encwadini.

7. Futhi khumbula ngenkathi sithatha kubaprofethi isethembiso sabo nakuwena nakuNowa, uAbrahamu, uMose kanye nakuJesu indodana kaMariya futhi sasithatha kubona isethembiso esinqala.

8. Ukuze abuze abaneqiniso ngeqiniso labo futhi wabalungiselela abangakholwayo isijeziso esibuhlungu.

***Isigaba sesibili (2)***

9. Oh Nina! Enikholwayo khumbulani ububele bukaMvelinqangi kunina ngenkathi kufika amabutho empi kunina. Ngakho-ke sathumela kuwona umoya namabutho empi eningazange niwabone futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi uyakubona lokho enikwenzayo.

10. Khumbula ngenkathi befika kunina beqhamuka ngaphezulu kwenu nangaphansi kwenu nangenkathi kunqundeka amehlo nezinhliziyo zilulekela emiphinjeni futhi nacabanga ngoMvelinqangi imicabango emibi.

11. Laphaya balingwa abakholwayo futhi banyakaziswa ukunyakaziswa okunzima.

12. Futhi khumbula ngenkathi abazenzisi kanye nalabo ezinhliziyweni zabo okunesifo bethi, ‘’akasethembisanga lutho uMvelinqangi nesithunywa sakhe ngaphandle kwenkohliso.”

13. Futhi khumbula nangenkathi iqembu labo lithi, “Oh Bantu baseYathrib! Aninayo indawo yokuma ngakho-ke phindelani emumva” futhi iqembu lacela imvume kumphrofethi lathi, “ngempela izindlu zethu zisobala” futhi (izindlu zabo) zazingavele obala kuphela babefisa ukubaleka.

14. Futhi ukube babengene kubona beqhamuka kuzona zonke izinhlangothi (zedolobha) bese becelwa ukuba bahlasele

ngempela babezokwenza lokho futhi babengeke bangabaze ngako ngaphandle nje kokungabaza okuncane.

15. Futhi ngempela basenza isethembiso kuMvelinqangi ngaphambilini ukuthi angeke bayiphendule imihlane (yabo) ngasosonke isikhathi isethembiso sikaMvelinqangi siyabuzwa.

16. Ithi akusoze kwanisiza ukubaleka uma nibalekela ukufa noma ukubulawa futhi angeke nijatshuliswe ngaphandle kwesikhashana.

17. Ithi ngubani lowo onganivikela kuMvelinqangi uma eqonde ukunenza okubi noma eqonde ukuba nomusa kunina na? futhi angeke babatholele umvikeli nomsizi ngaphandle kukaMvelinqangi.

18. UMvelinqangi uyabazi phakathi kwenu labo abavimbela abanye kanye nalabo abathi kubafowabo, "wozani kuthina" futhi abayi empini ngaphandle kokuya kancane.

19. Balusizi kunina kepha uma kufika ukwesaba ubabona bekubukile amehlo abo ephenduka njengalowo owesaba ukufa, kepha uma ukwesaba sekuphelile banintinyela ngezilimi ezihlabayo belangazelela izinto ezinhle labo abakholwa ngakho-ke uMvelinqanga wenza imisebenzi yabo yaba yize leze, futhi ngasosonke isikhathi lokho kulula kuMvelinqangi.

20. Bacabanga ukuthi izinhlangano zempi azihambanga, futhi uma izinhlangano zempi zingase zibuye bangafisa ukuthi bona babesogwadule kanye nezihlali zasogwadule (ama-Arabhu) bebuza mayelana nezindaba zenu futhi ukube babephakathi kwenu babengeke balwe ngaphandle kokulwa okuncane.

***<u>Isigaba sesithathu (3)</u>***

21. Ngempela esithunyweni sikaMvelinqangi ninesibonelo sekhethelo (ekufanele nisilandele) kulowo owethembela kuMvelinqangi nasosukwini lokugcina futhi lowo okhumbula uMvelinqangi kaningi.

22. Futhi kwathi lapho amakholwa ezibona izinhlangano athi, "lokhu yilokhu esathenjiswa kona nguMvelinqangi nesithunywa sakhe futhi uMvelinqangi nesithunywa sakhe bakhuluma iqiniso, futhi akuzange kubanezelele ngalutho ngaphandle kokukholwa nokuzinikela.
23. Phakathi kwabakholwayo kunamadoda akuqinisekisayo lokho avumelene noMvelinqangi ngako, ngakho-ke phakathi kwabo kunalowo osifezayo isivumelwano sakhe futhi phakathi kwabo kunalowo olindile futhi abazange baguqule (lutho).
24. Ukuze uMvelinqangi abanikeze umvuzo abaneqiniso ngeqiniso labo bese ebajezisa abazenzisi uma ethanda noma abathethelele, ngempela uMvelinqangi ngasosonke isikhathi uyathethelela unesihawu.
25. Futhi labo abangakholwanga uMvelinqangi wabaphindisela emumva entukuthelweni yabo, abazange bakuthole okuhle futhi uMvelinqangi wabanela abakholwayo ekulweni futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi unamandla, uphakeme ngamandla.
26. Futhi wabehlisela phansi labo ababeseka phakathi kwabantu bencwadi besezinqabeni zabo futhi wafaka uvalo ezinhliziyweni zabo, iqembu nalibulala elinye iqembu nalithumba.
27. Futhi wanenza izindlalifa zezwe, labo nezindlu zabo nengcebo yabo kanye nomhlaba eningakaze niwunyathele futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi unamndla ngaphezu kwezinto zonke.

***Isigaba sesithathu (4)***

28. Oh Mphrofethi! Ithi emakhosikazini akho,"uma nina nifisa impilo yalomhlaba nobuhle bayo ngako-ke wozani ngizoninika isabelo futhi ngizonikhulula ukunikhulula okuhle."
29. Futhi uma nina nifuna uMvelinqangi nesithunywa sakhe nendawo yokuhlala yempilo ezayo ngakho-ke ngempela

uMvelinqangi wabalungiselela abenzi bokuhle phakathi kwenu umvuzo omkhulu.

30. Oh Makhosikazi kamphrofethi! Noma ngabe ngubani phakathi kwenu owenza isono esicacile uyophindelwa kabili isijeziso futhi ngasosonke isikhathi lokho kulula kuMvelinqangi.

31. Futhi noma ngabe ngubani phakathi kwenu nina abesifazane (amakhosikazi kamphrofethi) aqotho kuMvelinqangi nasesithunyweni sakhe futhi lowo owenza izenzo ezilungileyo sizomupha umvuzo wakhe ophindwe kabili futhi owesifazane simlungiselele isabelo esisezingeni eliphezulu.

32. Oh Makhosikazi kamphrofethi! anifani ngisho noyedwa wamanye amakhosikazi uma nimesaba uMvelinqangi ningathambi enkulumweni, hleze lowo okunesifo enhliziyweni yakhe abanethemba kepha khulumani inkulumo ngendlela ehloniphekile.

33. Futhi hlalani ezindlini zenu, futhi ningazivezi njengokuziveza kwezikhathi zokungazi zasendulo futhi yenzani umthandazo nikhokhe izakaah (ingxenye yemali ekhokhwa kwabampofu) futhi nihloniphe uMvelinqangi nesithunywa sakhe, kuphela uMvelinqangi uthanda ukususa izenzo ezimbi kunina Bantu bomndeni futhi anihlanze ngokuhlanzwa okuphelele.

34. Futhi khumbulani lokho okufundwa ezindlini zenu okungamavesi kaMvelinqangi nobuhlakani, ngempela uMvelinqangi ngasosonke isikhathi umnene uyazi.

## *Isigaba Sesihlanu (5)*

35. Ngempela abesilisa abazinikele ngaphansi kwentando kaMvelinqangi nabesifazane abazinikele ngaphansi kwentando kaMvelinqangi, nabakholwayo besilisa, nabakholwayo besifazane, nabesilisa abaqotho (kuMvelinqangi) nabesifazane abaqotho (kuMvelinqangi) nabesilisa abaneqiniso nabesifazane abaneqiniso, nabesilisa ababekezelayo nabesifazane

ababekezelayo, nabesilisa abazithobile nabesifazane abazithobile, nabesilisa abaphanayo nabesifazane abaphanayo, nabesilisa abazilayo nabesifazane abazilayo, nabesifazane abazigcinayo izitho zabo zomzimba zangasese, nabesilisa abamkhumbulayo uMvelinqangi kaningi nabesifazane abamkhumbulayo uMvelinqangi kaningi, uMvelnqangi wabalungiselela intethelelo kanye nomvuzo omkhulu.

36. Futhi akusikona okowesilisa okholwayo nowesifazane okholwayo ukuthi uma uMvelinqangi nesithunywa sakhe benquma udaba babenokukhetha odabeni lwabo futhi noma ngabe ngubani ongamhloniphi uMvelinqangi nesithunywa sakhe ngempela uduke ukuduka okucacile.

37. Futhi (khumbula) ngenkathi uthi kulowo uMvelinqangi ayemethwese umusa nawe wamethwesa umusa, "gcina unkosikazi wakho kuwena futhi yesaba uMvelinqangi futhi ukufihle kuwena lokho uMvelinqangi akuveza obala futhi wesaba abantu, uMvelinqangi ufaneleke kakhulu ukuba umesabe" ngakho-ke kwathi lapho uZaid eseqedile ngaye owesifazane engasamdingi sakushadisa naye owesifazane ukuze kungabikhona ubunzima kwabakholwayo mayelana (nemishado) yamakhosikazi amadoda abo uma engawadingi (amakhosikazi awo) futhi ngasosonke isikhathi umthetho kaMvelinqangi awugcwaliseke.

38. Abukho ubunzima kumphrofethi kulokho uMvelinqangi amnqumela kona, yindlela kaMvelinqangi kulabo asebadlula ngaphambilini futhi ngasosoke isikhathi impoqo kaMvelinqangi udaba olumisiwe.

39. Labo abadlulisela imiyalezo kaMvelinqangi futhi bamesabe bangesabi ngisho namunye ngaphandle kukaMvelinqangi futhi uMvelinqangi wanele ekwahlululeleni.

40. UMuhammad akasiyena uyise wamadoda enu, kepha uyisithunywa sikaMvelinqangi nesisicilelo sabaphrofethi futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi uyisazi sazozonke izinto.

***Isigaba Sesithupha (6)***

41. Oh Nina enikholwayo! khumbulani uMvelinqangi ngenkumbulo eningi.
42. Futhi mdumiseni ekuseni nakusihlwa
43. Nguyena owethumela izibusiso kunina kanye nezingelosi zakhe ukuze anikhiphe ebumnyameni anilethe ekukhanyeni futhi ngasosonke isikhathi unesihawu kwabakholwayo.
44. Isibingelelo sabo ngosuku abayohlangana ngalo naye kuyoba ukuthi ukuthula futhi ubalungiselele umvuzo osezingeni eliphezulu.
45. Oh mphrofethi! ngempela thina sakuthumela njengofakazi nomlethi wezindaba ezimmnandi nomxwayisi.
46. Nanjengommemeli kuMvelinqangi ngemvume yakhe nanjengelambu elikhanyayo.
47. Futhi tshela abakholwayo izindaba ezimnandi ukuthi okwabo okuvela kuMvelinqangi ngumusa omkhulu.
48. Futhi ungabahloniphi abangakholwa kanye nabazenzisi futhi ungabanaki futhi yethembela kuMvelinqangi futhi uMvelinqangi wanele njengomhleli wezindaba.
49. Oh Nina enakholwayo! uma nishada nabesifazane abakholwayo bese nenza isehlukaniso nabo ngaphambi kokuba nibathinte ngakho-ke aninaso isikhathi ekufanele nisibale mayelana nabo abesifazane ngakho-ke banikezeni okubathokozisayo bese niyabakhulula ukubakhulula okuhle.
50. Oh mphrofethi! ngempela thina sawenza avumeleka kuwena amakhosikazi akho lawo owawanika izipho zawo zomshado kanye nalawo asesandleni sakho sokudla kulawo uMvelinqangi akunike wona kanye namadodakazi abafowaboyihlo namadodakazi obabekazi bakho namadodakazi kamalume wakho namadodakazi kadadewabo kamama wakho, lawo afuduka kanye nawe nonkosikazi okholwayo uma owesifazane ezinikela kumphrofethi uma umphrofethi efisa ukushada naye

ngokwakho kuphela ngaphandle kwababakholwayo ngempela siyakwazi esibanqumela kona mayelana namakhosikazi abo kanye nalabo abasezandleni zabo zokudla (izigqila) ukuze kungabibikho ubunzima kuwena futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi ungothethelelayo, onesihawu.

51. Ungambuyisela eceleni noma ngabe ngubani omthandayo kubona abesifazane futhi ungazithathela wena noma ngabe ngubani omthandayo kanye nalowo omfisayo phakathi kwalabo obabuyisele eceleni ngakho-ke alikho icala kuwena, lokho kungcono kakhulu ukuze baduduzeke futhi bangaphatheki kabi bonke bathokoze ngalokho obanika kona futhi uMvelinqangi uyakwazi lokho okusenhliziyweni zenu futhi uMvelinqangi ngasosonke isikhathi uyazi uyabekezela.

52. Akavumelekile kuwena amakhosikazi emva kwalokho noma ukuwashintsha ngamanye amakhosikazi yize noma ngabe bukuheha ubuhle bawo ngaphandle kwalabo abasesandleni sakho sokudla (izigqila) futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi ungumqapheli phezu kwezinto zonke.

## ***Isigaba Sesikhombisa (7)***

53. Oh nina enikholwayo! ningangeni ezindlini zomphrofethi ngaphandle kokuba uma ninikiwe imvume yokuzodla (akungafikwa ngokushesha ukuze) kungalindwa ukulungiswa kwako, kepha uma nimenywa ngakho-ke ngenani, uma senidlile hlakazekani (hambani) futhi ningabi ngabahlalayo abalinda inkulumo ngempela lokho kuyamhlupha umphrofethi unamahloni (ukunitshela ukuthi nihambe) ngakho-ke uMvelinqangi akanawo amahloni ngeqiniso futhi uma nicela okuthize emakhosikazini (kamphrofethi) ngakho-ke waceleni ningemumva kwesahlukaniso lokho kumsulwa kakhulu ezinhliziyweni zenu nasezinhliziyweni zawo (amakhosikazi kamphrofethi) futhi akufanele ukuthi nisihluphe isithunywa

sikaMvelinqangi futhi ningashadi namakhosikazi aso emva kwaso nanini ngempela lokho kuMvelinqangi kukhulu.

54. Uma nikuveza obala okuthize noma nikufihla ngakho-ke ngempela uMvelinqangi ngasosonke isikhathi uyisazi sazo zonke izinto.

55. Alikho icala kuwona (amakhosikazi kamphrofethi) kobaba bawo nasemadodaneni awo nakubafowabo nasemadodaneni abafowabo nasemadodaneni odadewabo nabesifazane babo nakulabo abasezandleni zawo zokudla (izigqila) futhi yesabani uMvelinqangi makhosikazi kamphrofethi, ngempela uMvelinqangi ngasosonke isikhathi ungufakazi phezu kwezinto zonke.

56. Ngempela uMvelinqangi kanye nezingelosi bathumela izibusiso kumphrofethi, Oh Nina enikholwayo! mceleleni izibusiso (kuMvelinqangi) futhi nimbingelele ngesibingelelo esifanelekileyo.

57. Ngempela labo abahlupha uMvelinqangi nesithunywa sakhe uMvelinqangi ubaqalekisile kulomhlaba nasempilweni ezayo futhi wabalungiselela isijeziso esijabhisayo.

58. Futhi labo abahlupha abakholwayo besilisa nabesifazane ngokungafanelekile bathwele icala elinga mahloni nesono esicacile.

## *Isigaba Sesishiyagalombili (8)*

59. Oh mphrofethi! yithi emakhosikazini akho nasemadodakazini akho nasemakhosikazini amakholwa mabazemboze ngezembatho zabo (kusukela ekhanda kuya ezinyaweni), lokho kugcono kakhulu ukuze abesifazane (abakholwayo) baziwe bangahlushwa futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi uyathethelela, unesihawu.

60. Uma abazenzisi kanye nalabo ezinhliziyweni zabo ekunesifo nabasakazi bezindaba eziyamanga eMadina bengaphezi

sizokwenza ukuthi ubanqobe bese bengabe besaba ngomakhelwane bakho khona (eMadina) ngaphandle kwabambalwa.

61. Baqalekisiwe noma ngabe yikuphi lapho befunyanwa khona mababanjwe futhi babulawe ngokubulawa okuphelele.
62. Yinqubomgomo kaMvelinqangi kulabo asebadlula ngaphambilini futhi awusoze wayithola inguquko kwinqubomgomo kaMvelinqangi.
63. Abantu bayakubuza mayelana nehora ithi, "ulwazi lwalo lukuMvelinqangi kuphela" futhi yini ekwenza wazi ukuthi ngempela iHora lisondele na?
64. Ngempela uMvelinqangi wabaqalekisa abangakholwa futhi wabalungiselela umlilo ovuthayo.
65. Bayohlala kuwona ingunaphakade, angeke bamthole umvikeli nomelekeleli.
66. Ngosuku lapho ubuso babo buyobe buguqulwe emlilweni bayothi, "Oh sifisa sengathi samhlonipha uMvelinqangi futhi sasihlonipha isithunywa!".
67. Futhi bayothi, "Nkosi yethu ngempela sazihlonipha iziphathimandla zethu kanye nabadala bethu ngakho-ke basidukisa endleleni".
68. Nkosi yethu banikeze isijeziso esiphindiwe kabili futhi ubaqalekise ngesiqalekiso esikhulu.

***Isigaba Sesishiyagalolunye (9)***

69. Oh Nina enikholwayo! ningabi njengalabo ababehlupha uMose ngakho-ke wayesemkhipha uMvelinqangi kulokho ababekusho futhi wayehloniphekile kuMvelinqangi.
70. Oh Nina enikholwayo! yesabani uMvelinqangi futhi nikhulume inkulumo eqondile.

71. Uyonilungiselela imisebenzi yenu futhi anithethelele izono zenu futhi noma ngabe ngubani ohlonipha uMvelinqangi nesithunywa sakhe ngempela uzuze impumelelo enkulu.

72. Ngempela sanikela ukwethembela emazulwini nasemhlabeni nasezintabeni kepha (konke) kwenqaba ukukuthwala futhi kwakwesaba, kepha umuntu wakuthwala ngempela yena (umuntu) ngasosonke isikhathi akanabo ubulungiswa, akanalo ulwazi.

73. Ukuze uMvelinqangi ajezise abazenzisi besilisa nabesifazane nabakhonza izithombe besilisa nabesifazane futhi uMvelinqangi uyophendukela kwabakholwayo besilisa nabesifazane ngentethelelo futhi uMvelinqangi ngasosonke isikhathi uyathethelela, unesihawu.

# (34)
# Surah Saba-Sheba (isizwe sama Sheba)

***Isigaba Sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Udumo malube kuMvelinqangi okunguyena okungokwakhe noma ngabe yini esemazulwini nanoma ngabe yini esemhlabeni futhi udumo kuyobe kungolwakhe empilweni ezayo futhi yena ungonobuhlakani ungowaziwayo.
2. Wazi noma ngabe yini engena emhlabathini nanoma ngabe yini ephuma kuwona kanye nanoma ngabe yini eyehlayo ivela ezulwini nanoma ngabe yini engena kulona futhi yena ungonomusa, othethelelayo.
3. Futhi labo abangakholwangwa bathi, "angeke lifike kuthina ihora" ithi "yebo ngeNkosi yami ngempela liyofika kunina, isazi sokungabonwayo asigejwa ngisho noma ngabe yinto encane kangakanani emazulwini ngisho nasemhlabeni ngisho noma kukuncane kakhuku kunalokho ngisho noma ngabe kukukhulu kakhulu kepha kusencwadini ecacile".
4. Ukuze abanike umvuzo labo abakholwayo futhi abenza imisebenzi elungileyo labo-ke, okwabo yintethelelo nesabelo esisezingeni eliphezulu.
5. Futhi labo abazabalazayo ukuphikisana namavesi ethu ukuwadikibalisa labo-ke okwabo yisijeziso esinzima esibuhlungu.
6. Futhi labo ababenikezwe ulwazi bayakubona lokho okwembulwa kuwena okuvela eNkosini yakho ukuthi kona kuyiqiniso futhi kuholela endleleni yophakeme ngamandla, ofanelwe ukudunyiswa.
7. Futhi labo abangakholwanga bathi, "ngakube singanikhombisa yini indoda ezonitshela ukuthi uma senihlukanisiwe

ukuhlukaniswa okuphelele (seningeyilutho) ngempela nina nizoba sendalweni entsha?"

8. Ngakube uqambela uMvelinqangi amanga noma unokuhlanya na?, kepha labo abangakholelwa empilweni ezayo basesonweni nasekudukeni okukude le.

9. Ngakube abakuboni yini lokho okungaphambilini kwabo kanye nalokho okungemumva kwabo okwezulu nomhlaba, uma sithanda singenza ukuthi umhlaba ubagwinye noma sehlisele phezu kwabo izicucu zezulu ngempela kulokho kunophawu kuleyo naleyo nceku eyiphendukele (kuMvelinqangi) ngentethelelo.

***Isigaba sesibili (2)***

10. Futhi ngempela samnikeza uDavide umusa ovela kithina (sathi), "Oh zintaba! mdumiseni uMvelinqangi kanye naye kanye nezinyoni" futhi samthambisela insimbi.

11. (Sathi) "Yenza izivatho zensimbi ngokuphelele futhi ulinganise iziyingi zamaketango futhi nenze imisebenzi elungileyo, ngempela mina ngiyakubona loko enikwenzayo"

12. Futhi sawenza umoya wamthobela uSolomoni ikuseni yawo (yayiwuhambo) olungangenyanga futhi intambama yawo (yayiwuhambo) olungangenyanga futhi sawenza umthombo wethusi ukuthi umgobhozele futhi kwakunamaJinn ayesebenza ngaphambili kwakhe ngemvume yeNkosi yakhe futhi noma ngabe ngubani wabo ochezukayo empoqweni yethu siyokwenza ukuthi ezwe isijeziso sokusha.

13. (Abantu) babemenzela loko akufisayo okuyizakhiwo eziphakeme, izithombe, izitsha ezinkulu ezingangamathange amanzi nezimbiza zensimbi zokupheka ezinkulu ezizinzisiwe (ezinganyakazi) "Sebenzani Oh mndeni kaDavide ngokubonga! kepha bambalwa ezincekwini zami ababongayo.

14. Kepha kwathi lapho sesimnqumela ukufa (uSolomoni) akukho okwabatshela ngokufa kwakhe ngaphandle kwesidalwa (isilwane) somhlaba esadla induku yakhe, ngakho-ke kwathi lapho esewela phansi kwawacacela amaJinn ukuthi ukube ayekwazi okungabonwayo ayengeke ahlale esijezisweni esiyihlazo.
15. Ngempela kwakunophawu kuSheba ezindaweni zabo zokuhlala, izivande ezimbili ngakwesokudla nangakwesokunxele yidlani esabelweni seNkosi yenu futhi niyibonge, yizwe elihle neNkosi ethethelelayo.
16. Kepha bafulathela (benqaba) ngakho-ke sathumela kubona izikhukhula (amanzi) aphuma edamini futhi sabashintshela izivande zabo ezimbili zaba yizivande zabo ezimbili ezithela izithelo ezibabayo namatamariski (uhlobo lwesihlahla) kanye nezomlothi ezimbalwa.
17. Ngalokho sabanika umvuzo ngenxa yokuthi babengabongi bengakholwa futhi asijezisi ngalendlela ngaphandle kwabangakholwa.
18. Futhi senza phakathi kwabo kanye namadolobha esasiwabusisile ukuthi kube amadolobha abonakalayo kalula futhi sahlukanisa phakathi kwawo uhambo, sathi “hambani phakathi kwawo ebusuku nasemini niphephile”.
19. Kepha bathi, “Nkosi yethu yenza amabanga amade ohambweni lethu futhi bayona bona imiphefumulo yabo sabe sesibenza ondabuzekwayo futhi sabadabula ukudabulwa okuphelele, ngempela kunezimpawu kulokho kubona bonke ababekezelayo ababongayo.
20. Futhi u-Iblis (uSathane) wawuqinisekisa ngabo umcabango wakhe, ngakho-ke bamlandela ngaphandle kweqembu labakholwayo.
21. Futhi (uSathane) akanalo igunya phezu kwabo kepha ukuze sazi ukuthi ngubani okholelwa empilweni ezayo kulowo

osekungabazeni ngayo, futhi iNkosi yakho ingumlondolozi wazona zonke izinto.

***Isigaba Sesithathu (3)***

22. Ithi "bizani labo enanibenza (onkulunkulu) esikhundleni sikaMvelinqangi abanalutho ngisho nokuncane kakhulu emazulwini nasemhlabeni futhi abanaso isabelo kukona kokubili futhi akanaye umlekeleli phakathi kwabo".
23. Futhi ukuncengela akusizi kuyena ngaphandle kwalowo amvumelayo kuze kuthi uma ukwesaba kususiwe ezihliziyweni zabo bathi, "yathini iNkosi yenu bathi iqiniso futhi yona iphakeme yinkulu".
24. Ithi, "ngubani oninika isabelo esivela emazulwini nasemhlabeni na?" ithi, "nguMvelinqangi" futhi ngempela yithina noma yinina mhlawumbe abasekuholweni noma abasekudukeni okucacile.
25. Ithi angeke nibuzwe ngecala lethu futhi angeke sibuzwe ngalokho enikwenzayo.
26. Ithi, iNkosi yethu iyosiqoqela ndawomye bese iyehlulela phakathi kwethu ngeqiniso futhi yona ingumehluleli onolwazi.
27. Ithi ngikhombiseni labo enanimenzela abahlanganyeli ngabo, lutho! kepha yena unguMvelinqangi uphakeme ngamandla unobuhlakani.
28. Futhi asizange sikuthumele ngaphandle kokuba ngumlethi wezindaba ezimnandi nomxwayisi kubantu bonke, kepha iningi labantu alazi.
29. Futhi bathi siyofika nini lesisithembiso uma kungukuthi nina niqinisile na? Ithi isinqumo senu esosuku eningeke nikwazi ukulihlehlisa ihora futhi eningeke nikwazi ukulisheshisa.

***Isigaba Sesine (4)***

30. Futhi labo abangakholwanga bathi, "asisoze sikholelwe kuleQur'an ngisho noma kulokho okungaphambilini kwayo", futhi uma ungazibona izoni zimisiwe ngaphambili kweNkosi yazo, ezinye zazo ziphendukela kwezinye ngezwi (lokusola), labo ababenziwe buthakathaka bayothi kulabo ababeqhosha "ukube kwakungesingenxa yenu sasizoba ngabakholwayo".
31. Labo ababeqhosha bathi kulabo ababenziwe buthakathaka "ngakube yithina yini esanivimbela ekuholweni emva kokuba sekunifikele na? Qhabo nina naniyizoni".
32. Futhi labo ababenziwe buthakathaka bathi kulabo ababeqhosha "kepha kwakuyisu lenu lasebusuku nasemini ngenkathi nisiphoqa ukuthi singakholwa kuMvelinqangi nokuthi simbekele izimbangi" futhi bayokufihla ukuzisola uma sebesibona isijeziso futhi siyowagaxa amaketango ezintamweni zalabo abangakholwanga, ngakube bayonikwa umvuzo ngaphandle kwalokho ababekwenza na?.
33. Futhi sasingakaze simthumele umxwayisi edolobheni ngaphandle kokuthi abanothile balo bathi, "ngempela asikholelwa kulokho enithunywe ngako".
34. Futhi bathi, "thina sinengcebo eningi kakhulu kanye nezingane futhi thina angeke sijeziswe.
35. Ithi ngempela iNkosi yami iyasandisa isabelo kulowo emthandayo futhi isinciphiso kepha iningi labantu alazi.

***Isigaba sesihlanu (5)***

36. Futhi akusiyona ingcebo yenu noma izingane zenu ezinisondeza eduzane nathi kepha yilabo abakholwayo futhi abenza imisebenzi emihle elungileyo labo-ke okwabo umvuzo ophindiwe kabili ngenxa yalokho ababekwenza futhi bayohlala ezindaweni zokuhlala bephephile.

37. Futhi labo abazabalazayo ukuphikisana namavesi ethu ukuwadikibalisa labo-ke bayolethwa esijezisweni.
38. Ithi ngempela iNkosi yami iyaselula isabelo kunoma ngabe ngubani eyimthandayo ezincekwini zayo futhi imnciphisele futhi noma ngabe yini oluthize enilusebenzisayo (eninikela ngalo) ngakho-ke yona iyolubuyisa futhi yona ingcono kunabobonke abanika isabelo".
39. Futhi ngosuku eyobaqoqela ngalo ndawonye bonke bese ithi ezingelosini, "ngakube yibona yini laba ababenikhonza na?".
40. (Izingelosi) ziyothi, "udumo malube kuwe! wena ungumvikeli wethu hhayi bona, kepha babekhonza amaJinn, abaningi babo babengabakholelwa kuwona".
41. Ngakho-ke ngalolusuku abekho abanye benu abaphathela abanye inzuzo nokulimala futhi siyothi kulabo abona, "yizwani isijeziso somlilo leso enanisiphika".
42. Futhi uma befundelwa amavesi ethu acacile bathi, "lona akayilutho ngaphandle kokuba yindoda eyithanda ukunivimbela kulokho okwakukhonzwa ngoyihlo", futhi bathi "lokhu akuyilutho ngaphandle kwamanga aqanjiwe futhi bathi labo abazange bakholwe mayelana neqiniso ngenkathi lifika kubona "lokhu akuyilutho ngaphandle komlingo ocacile".
43. Futhi asibanikezanga izincwadi ababengazifunda futhi asizange simthumele kubona umxwayisi ngaphambilini kwakho.
44. Nalabo ababengaphambilini kwabo baliphika (iqiniso) futhi laba abakayitholi ngisho ingxenye eyodwa eshumini yaloko esabanika kona (abasendulo) kepha baziphika izithunywa zami ngakho-ke kwakunjani ukuphika kwami.
45. Ithi kuphela nginelulekela entweni eyodwa ukuthi niphakamele uMvelinqangi ngababili nangamunye bese niyacabanga ukuthi benikanye naye akukho ukuhlanya kuye, akayilutho ngaphandle kokuba ngumxwayisi wenu ngaphambi kwesijeziso esinzima.

46. Ithi noma ngabe yimuphi umvuzo, engiwucela kunina ungowenu, umvuzo wami ukuMvelinqangi kuphela futhi yena ungufakazi phezu kwezinto zonke.
47. Ithi ngempela iNkosi yami iyaliveza iqiniso, isazi sokungabonwayo.
48. Ithi iqiniso selifikile futhi inkohliso angeke isungulwe futhi angeke iphindwe.
49. Ithi uma ngiphambuka kuphela ngiphambukela umphefumulo wami futhi uma ngiholiwe kungenxa yalokho iNkosi yami ekwembulile kumina ngempela yona iyezwa isondele.
50. Futhi uma ungababona lapho sebesaba, ngakho-ke angeke baphunyuke futhi bayobanjwa endaweni eseduzane.
51. Futhi bayothi, "siyakholelwa kuyona" kepha bangakuthola kanjani lokho (iqiniso) besendaweni ekude na?.
52. Futhi ngempela abakholelwanga kulona (iqiniso) ngaphambilini futhi babengathekisa ngokungabonwayo basendaweni ekude.
53. Futhi kuyobekwa okuhlukanisayo phakathi kwabo naloko abakufisayo njengoba kwenziwa kwabafananabo ngaphambilini, ngempela bona basekungabazeni okukhulu.

# (35)
# Fatir-Umsunguli

***Isigaba Sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Udumo lungolukaMvelinqangi umsunguli wamazulu nomhlaba owenza izingelosi izithunywa ezinamaphiko angambili nangantathu nangane uyakwandisa endalweni lokho akuthandayo, ngempela uMvelinqangi unamandla okwenza zonke izinto.
2. Noma ngabe yini uMvelinqangi ayinikeza abantu emseni ngakho-ke akekho ongayigodla, futhi noma ngabe yini ayigodlayo akekho ongayikhulula ngemva kwakhe futhi yena uphakeme ngamandla unobuhlakani.
3. Oh Bantu! khumbulani ububele bukaMvelinqangi kunina, ngakube ukhona yini omunye umdali ngaphandle kukaMvelinqangi oninika isabelo esivela ezulwini nasemhlabeni na? Akekho onelungelo lokukhonzwa ngaphandle kwakhe, nimfulathelelani na?.
4. Futhi uma bekuphika ngempela zaziphikwa izithunywa ngaphambilini kwakho futhi ikuMvelinqangi lapho zibuyiselwa khona izindaba.
5. Oh Bantu! ngempela isethembiso sikaMvelinqangi siyiqiniso ngakho-ke ayinganikhohlisi impilo yalomhlaba futhi akanganikhohlisi umkhohlisi ngoMvelinqangi.
6. Ngempela usathane uyisitha senu, ngakho-ke mthatheni njengesitha kuphela umema iqembu lakhe ukuze libengabanye babangane bomlilo.
7. Labo abangakholwanga okwabo yisijeziso esinzima. Futhi okwalabo abakholwayo futhi abenza izenzo ezinhle ezilungileyo yintethelelo kanye nomvuzo omkhulu.

***Isigaba Sesibili (2)***

8. Ngakube lowo owenzelwe izenzo zakhe ezimbi zabukeka zizinhle uzibona zizinhle ngakho-ke ngempela uMvelinqangi udukisa lowo amthandayo, futhi uholela (endleleni eqondile) lowo amthandayo, ngakho-ke awungaphatheki kabi umphefumulo wakho ngabo, ngempela uMvelinqangi uyisazi ngalokho abakwenzayo.

9. Futhi nguMvelinqangi othumela imimoya bese iphakamisa amafu bese siwathumela ezweni elifile sivuse ngawo umhlaba emva kokufa kwawo, kunjalo ukuvuswa kokufileyo.

10. Noma ngabe ngubani ofisa ukuhlonipheka ngakho-ke ukuhlonipheka konke kungokukaMvelinqangi, kuyena kukhuphukela izwi elihle kanye nomsebenzi omuhle olungileyo uyalenyusa futhi labo abenza amacebo ngezinto ezimbi okwabo yisijeziso esinzima futhi icebo labo liyashabalala.

11. Futhi uMvelinqangi wanidala ngothuli kwasekuba ingeconsi lesidoda wayesenenza nabangambili, futhi akekho owesifazane okhulelwe otetayo ngaphandle kolwazi lwakhe futhi akusikona ukuthi umuntu omdala welulelwa iminyaka noma incishiswe iminyaka yakhe kepha kusencwadini ngempela lokho kulula kuMvelinqangi.

12. Futhi ulwandle olubili alufani lolu luhlwabusile lusashukela luyaphuzeka, loluya lusasawoti luyababa, kulona (lolubili) nidla inyama emnandi (izinhlanzi) futhi nikhipha imihlobiso eniyigqokayo futhi ubona imikhumbi ihamba kulona (ulwandle) ukuze nifune umusa wakhe futhi ukuze mhlawumbe nibonge.

13. Wenza ukuthi ubusuku bungenele emini futhi wenza ukuthi imini ingenele ebusukwini futhi wenza ukuthi ilanga nenyanga ngakunye kuhambe isikhathi esinqunyiwe, lowo nguMvelinqangi iNkosi yenu, ubukhosi bungobakhe futhi

labo enibamemezayo esikhundleni sakhe abanawo ngisho umucwana wohlamvu lwesundu.

14. Uma nibamemeza abawuzwa umthandazo wenu futhi noma ngabe bayezwa abakwazi ukuniphendula futhi ngosuku lokuvuka kwabafileyo bayophika ukuzibandakanya kanye nani futhi akekho ongakutshela (lokhu) onjengonolwazi.
15. Oh Bantu! Nina ningabadinga uMvelinqangi kepha yena uMvelinqangi akadingi lutho ungodunyiswayo.
16. Uma ethanda anganisusa bese enza indalo entsha.
17. Futhi lokho kuMvelinqangi akunzima.
18. Futhi akekho umthwali wemithwalo oyothwala umthwalo womunye futhi uma omunye ethwele okusindayo ubiza omunye ukuthwala umthwalo wakhe, akekho oyothwala ingxenye kuwona ngisho noma ngabe yisihlobo esisondele, kuphela ungabaxwayisa labo abesaba iNkosi yabo engabonwayo futhi abenza umthandazo futhi noma ngabe ngubani ozihlanzayo kuphela uzihlanzela umphefumulo wakhe futhi sikuMvelinqangi isiphetho.
19. Futhi akefani ongaboni nobonayo.
20. Ngisho nobumnyama nokukhanya (akufani).
21. Ngisho nomthunzi nokushisa kwelanga (akufani).
22. Futhi abefani abaphilayo nabafileyo, ngempela uMvelinqangi wenza ukuthi ezwe lowo amthandayo futhi wena awusiyena owenza ukuthi bezwe labo abasemangcwabeni.
23. Wena awuyilutho ngaphandle kokuba ngumxwayisi.
24. Ngempela sakuthumela neqiniso njengomlethi wezindaba ezimnandi nomxwayisi, futhi asikho isizwe ekungazange kudlule kusona umxwayisi.
25. Futhi uma bekuphika ngempela labo ababengaphambilini kwabo baphikwa, zafika kubona izithunywa zabo nezimpawu ezicacile nemibhalo kanye nencwadi ekhanyisayo.
26. Ngabe sengiyababamba labo ababengakholwa (bheka) ukuthi kwakunjani ukubaphika kwami!.

## *Isigaba Sesine (3)*

27. Awuboni yini ukuthi uMvelinqangi wehlisela phansi amanzi avela esibhakabhakeni esiveza ngawo izithelo ezinemibala eyizinhlobonhlobo futhi ezintabeni kunezindlela ezimhlophe nezibomvu ezemibala eyehlukehlukene (ezinye) zimnyama kakhulu.
28. Futhi phakathi kwabantu nasezilwaneni kanye nasezinkomeni kunemibala eyehlukehlukene, kuphela abesaba uMvelinqangi ezincekwini zakhe abanolwazi, ngempela uMvelinqangi uphakeme ngamandla ungothethelelayo.
29. Ngempela labo abayifundayo incwadi kaMvelinqangi benze umthandazo futhi basebenzise (banikele) kulokho esababela kukona esithe nasobala bethembele ohwebweni olungasoze lwashabalala.
30. Ukuze abakhokhele imivuzo yabo ngokugcwele futhi abanezelele emseni wakhe, ngempela yena uyathethelela uyabonga.
31. Futhi loko esikwambulile kuwena kwencwadi kuyiqiniso eligcwalisela lokho okungaphambilini kwayo, ngempela uMvelinqangi uyazi uyazibona izinceku zakhe.
32. Sabe sesibanikeza incwadi njengendlalifa labo esabakhethayo ezincekwini zethu, ngakho-ke phakathi kwabo kunalowo owona umphefumulo wakhe futhi phakathi kwabo kunalowo omaphakathi nendawo futhi phakathi kwabo kunalowo ophambili kunabo bonke ezenzweni ezinhle ngemvume kaMvelinqangi lokho kungumusa omkhulu.
33. Izivande zangunaphakade abayongena kuzona, lapho phakathi bayohlotshiswa ngezigqizo zegolide nangobuhlalo futhi izingubo zabo lapho phakathi kuyoba ngezikasilika.
34. Futhi bayothi, "udumo malube kuMvelinqangi okunguyena owasusa usizi kuthina! ngempela iNkosi yethu iyathethelela iyabonga".

35. (Inkosi) esihlalise endaweni yokuhlala yangunaphakade, ngomusa wayo futhi lapho phakathi angeke kusithinte ukusebenza futhi lapho phakathi angeke kusithinte ukukhathala.
36. Futhi labo abangakholwanga okwabo ngumlilo wesihogo, asikho isikhathi esinqunyiwe kubona ukuthi bafe futhi angeke bancishiselwe esijezisweni sawo, sibanika umvuzo kanjalo bonke abangabongi.
37. Futhi lapho phakathi bayokhalela (usizo) "Nkosi yethu sikhiphe sizokwenza izenzo ezinhle ezilungileyo hhayi lezo esasizenza" asizange yini sininike impilo ende ngokwanele ukuze noma ngabe ngubani owayengayaleka ayaleke na? Futhi wafika kunina umxwayisi, ngakho-ke yizwani abayizoni angeke babenaye umsizi.

## *Isigaba sesihlanu (4)*

38. Ngempela uMvelinqangi uyisazi sokungabonwayo samazulu nomhlaba ngempela yena uyakwazi lokho okusezifubeni.
39. Nguyena owanenza ukuba ngabalandelayo ngokuhlala emhlabeni. Ngakho-ke noma ngabe ngubani ongakholwa kukuyena ukungakholwa kwakhe futhi akubanezezeli abangakholwa ukungakholwa kwabo eNkosini yabo ngaphandle kokunengeka futhi akubanezeleli (ngalutho) abangakholwa ukungakholwa kwabo ngaphandle kokulahlekelwa.
40. Ithi, "ngakube nibabonile yini abahlanganyeli benu labo enibabizayo esikhundleni sikaMvelinqangi na?, Ngikhombiseni ukuthi yini abayidalayo emhlabeni noma ngakube banomhlanganyeli emazulwini na? Noma ngakube sabanikeza incwadi bona basebufakazini obucacile kuyona na? Qhabo! izoni azithembisani lutho ngaphandle kwenkohliso".

41. Ngempela uMvelinqangi uyawababamba amazulu nomhlaba ukuthi angasuki endaweni yawo futhi uma esuka endaweni yawo akekho ngisho noyedwa ongawababamba womabili emva kwakhe ngempela yena ngasosonke isikhathi uyabekezela uyathethelela.
42. Futhi bafunga ngoMvelinqangi izifungo zabo ezinqala ukuthi uma kungase kufike umxwayisi kubona bangaba ngabaholwe kakhulu ngaphezu kwanoma yiziphi izizwe kepha kwathi lapho sekufika umxwayisi kubona abazange banezelelwe yilutho ngaphandle kokukugwema lokho.
43. Beqhosha emhlabeni futhi benza icebo elibi futhi icebo elibi alimsingathi omunye umuntu ngaphandle kwabantu balo ngakho-ke ngakube kukhona yini abakulindele ngaphandle kwendlela yasemandulo na? Kepha awusoze uyifumane inguquko endleleni kaMvelinqangi futhi awusoze ukufumane ukuchezuka endleleni kaMvelinqangi.
44. Abazange yini bahambe ezweni babone ukuthi sasinjani isiphetho salabo ababengaphambilini kwabo futhi babeqatha ngamandla kunabo futhi uMvelinqangi akukho lutho elimphunyukayo emazulwini nasemhlabeni futhi yena ngasosonke isikhathi uyazi unamandla okwenza.
45. Futhi ukube uMvelinqangi wayengase abajezise abantu ngenxa yalokho abakusebenzele wayengeke azishiye izidalwa ezinyakazayo (izilwane) phezu kwawo (umhlaba) kepha ubayekela isikhathi esinqunyiwe ngakho-ke uma kufika isikhathi sabo ngempela uMvelinqangi ngasosonke isikhathi ungumboni wezinceku zakhe.

# (36)
# Ya'Seen

***Isigaba Sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ya' seen.
2. NgeQur'an enobuhlakani.
3. Ngempela wena ungomunye wezithunywa.
4. Endleleni eqondile.
5. Isambulo sophakeme ngamandla onesihawu.
6. Ukuze wexwayise abantu ababengaxwayiswanga oyise ngakho-ke bona abanakile.
7. Ngempela izwi laqiniseka kwabaningi babo kepha bona bakholwa.
8. Ngempela thina sibeke amaketango ezintanyeni zabo afinyelela ezilevini ukuze amakhanda abo abheke phezulu.
9. Futhi sibeke okuvimbelayo ngaphambi kwabo nokumvimbelayo ngemva kwabo sabe sesiyabamboza ukuze bangaboni.
10. Futhi kuyefana kubona noma uyabaxwayisa noma awubaxwayisi angeke bakholwe.
11. Kuphela ungakwazi ukuxwayisa lowo olandela isikhumbuzo futhi owesaba onomusa ongabonwayo, ngakho-ke mnike izindaba ezimnandi ngentethelelo nangomvuzo osezingeni eliphezulu.
12. Ngempela thina siyabaphilisa abafile futhi sikubhala phansi lokho abakubeke ngaphambili kanye (nalokho) okusezinyathelweni zabo futhi zonke izinto sizibhalile emholini ocacile.

## *Isigaba Sesibili (2)*

13. Futhi benzele isibonelo sabantu bedolobha ngenkathi kufika kulona izithunywa.
14. Ngenkathi sithumela kubona (izithunywa) ezimbili base beyaziphika zombili sabe sesiyabaqinisa ngowesithathu basebethi "ngempela thina sithunyiwe kunina.
15. Bathi (abantu bedolobha) "nina aniyilutho ngaphandle kokuba ngabantu abafana nathi futhi onomusa akazange ambule lutho kuphela nina niqamba amanga".
16. Zathi (izithunywa) "Inkosi yethu iyazi ukuthi thina siyizithunywa kunina".
17. Futhi alikho icala kuthina ngaphandle kokudlulisela umyalezo ocacile.
18. Bathi, "ngempela thina sibona ukubikezela okubi kunina uma ningaphezi ngempela sizonikhanda ngamatshe futhi nizothintwa yisijeziso esibuhlungu esivela kuthina".
19. Zathi (izithunywa), "ukubikezela kwenu kukanye nani ngoba nikhunjuzisiwe kepha nina ningabantu abephula umthetho".
20. Futhi kwafika indoda ivela engxenyeni ebuqamama yedolobha igijima yathi "Oh Bantu bami! landelani izithunywa".
21. Landelani labo abangawuceli umvuzo kunina futhi bona bangabaholelwe endleleni elungileyo.
22. Futhi kungani ukuthi ngingamkhonzi lowo owangidalayo futhi niyobubuyiselwa kuyena.
23. Ngakube ngingazithathela omunye uNkulunkulu wamanga esikhundleni sakhe kulapho onomusa ehlose inhlupheko kumina na?, angeke kungisize ngalutho ukungincengela kwabo futhi angeke bangisindise.
24. Ngempela mina ngiyobe ngisekudukeni okucacile.
25. Ngempela mina ngikholiwe eNkosini yenu ngakho-ke ngilaleleni.

INGXENYE 23

26. Kwathiwa, "ngena esivandeni (ezulwini)" wathi, "ngifisa sengathi abantu bami bangazi".
27. Ngokuthi iNkosi yami ingithethelele futhi yangibeka kanye nabahloniphekileyo.
28. Futhi asiyehliselanga phezulu kwabantu bakhe emva kwakhe impi evela ezulwini futhi kwakungadingeki ukuthi siyithumele.
29. Kwakungeyilutho kepha kwakungumsindo owodwa masinyane babethule du!
30. Oh ukuzisola ebantwini! Kwakungakaze kufike kubona isithunywa ngaphandle kokuthi babesenza inhlekisa.
31. Ngakube ababoni yini ukuthi zingaki izizukulwane esazibhubhisa ngaphambilini kwabo zona angeke zibuyele kubona.
32. Futhi ngempela bonke-bonke bayolethwa ngaphambili kwethu.

***Isigaba Sesithathu (3)***

33. Futhi uphawu lwabo umhlaba ofile sawuphilisa sabe sesiveza kuwona uhlamvu kuze badle kulona.
34. Futhi kuwona sazenza izivande zamasundu nezamagilebhisi futhi kuwona sayenza imithombo ukuthi iqhume.
35. Ukuze badle ezithelweni zawo futhi izandla zabo azizitshalanga (izithelo) ngakube ababongi yini na?
36. Udumo malube kulowo owadala kwaba ngakubili kukona konke okuvezwa umhlaba kanye nokohlobo lwabo nakulokho abangakwazi.
37. Futhi uphawu lwabo ubusuku, siyalukhipha usuku kubona kulapho bona besebumnyameni.
38. Futhi ilanga lihamba njalo liya lapho liphelela khona, lokho kungempoqo yophakeme ngamandla oyisazi.
39. Nenyanga siyinqumele izimo ezibonakalayo kuze kube yilapho iphenduka iba njengegatsha lesundu elidala elomile.

40. Akusikhona okwelanga ukuthi lifice inyanga noma ubusuku ukuthi budlule imini futhi konke kuhamba emkhondweni.
41. Futhi uphawu lwabo ukuthi sayithwala inzalo yabo emkhunjini othweleyo.
42. Futhi sibadalele okufana nako, lokhu abakugibelayo.
43. Futhi uma sithanda singabaminzisa ngakho-ke angeke balekelelwe futhi bona angeke bahlengwe.
44. Ngaphandle komusa ovela kuthina kanye nenjabulo yesikhashana.
45. Futhi uma kuthiwa kubona "qaphelani loko okungaphambili kwenu kanye nalokho okungemumva kwenu ukuze mhlawumbe nithole umusa".
46. Futhi alifiki kubona ivesi emavesini eNkosi yabo ngaphandle kokuba bayalifulathela.
47. Futhi uma kuthiwa kubona "sebenzisani kulokho anabela kona uMveliqangi" labo abangakholwanga bathi kulabo abakholwayo "ngakube singodla lowo okungathi uma ethanda uMvelinqangi amondle?" Anikwiyilutho ngaphandle kokuba sephutheni eligqamile.
48. Futhi bathi, "siyofika nini lesisithembiso uma kungukuthi nina niqinisile?"
49. Abalindele lutho ngaphandle kokukhala okukodwa okuyobathatha kulapho bona bephikisana.
50. Ngakho-ke angeke bakwazi ukwenza ifa noma ukubuyela ebantwini babo.

***Isigaba sesine (4)***

51. Futhi liyoshawa icilongo kulapho bona beyophuma emathuneni beshesha bebheke eNkosini yabo.
52. Bayothi, "Oh usizi kuthina! Ngubani lowo osivuse endaweni yethu, lokhu kuyilokhu onomusa akwethembisa nezithunywa zakhuluma iqiniso".

53. Angeke kube yilutho ngaphandle kokukhala okukodwa kulapho bona bonke beyolethwa ngaphambili kwethu.
54. Ngakho-ke ngalolusuku umphefumulo angeke wenziwe okungenabo ubulungiswa ngalutho futhi angeke ninikwe umvuzo ngaphandle kwaloko enanikwenza.
55. Ngempela izihlali zesivande kulolosuku ziyobamatasatasa ngezinto eziyinjabulo.
56. Bona kanye namakhosikazi abo bayoba semthunzini, bacambalale endaweni ephakeme.
57. Okwabo lapho phakathi yizithelo futhi okwabo kuyoba yinoma ngabe yini abayicelayo.
58. Ukuthula! Izwi elivela eNkosini enesihawu.
59. Futhi hlukanani namuhla Oh nina eniyizoni!
60. Angizange yini nginiphoqe Oh bantwana ba-Adam! Ukuthi ningamkhonzi usathane? Ngempela yena uyisitha senu esigqamile.
61. Nokuthi nikhonze mina? Lena yindlela elungile.
62. Futhi ngempela wadukisa iqembu elikhulu phakathi kwenu ngakube naningenawo yini umqondo?
63. Lesi yisihogo enanethenjiswe sona.
64. Ngenani kusona namhlanje ngenxa yokuthi naningakholwa.
65. Kulolusuku siyayisicilela imilomo yabo futhi izandla zabo zizokhuluma nezinyawo zabo zizofakaza mayelana naloko ababekusebenzela.
66. Futhi ukube besithanda besizosusa amehlo abo bese beyaphuphutheka endleleni bese bebona kanjani?
67. Futhi ukube besithanda besizobaguqula ezindaweni zabo bebengeke besakwazi ukuya phambili nokuphindela emumva.

***Isigaba sesine (4)***

68. Futhi noma ngabe ngubani esimnika impilo ende simhlehlisela emumva endalweni, ngakube abanawo yini umqondo na?

69. Futhi asimfundisanga ubumbongi futhi akumfanele, yona ayiyilutho ngaphandle kwesikhumbuzo neQur'an ecacile.
70. Ukuze ixwayise noma ngabe ngubani ophilayo futhi kuqiniseke izwi ukubhekana nabangakholwa.
71. Ababoni yini ukuthi sabadalela kuloko okwenziwe yizandla zethu izinkomo abangabanini bazo na?
72. Futhi sabathobisela zona ngakho-ke ezinye phakathi kwazo bayazigibela futhi ezinye phakathi kwazo bayazidla.
73. Futhi banenzuzo kuzona kanye neziphuzo, ngakube ababongi yini na?
74. Futhi esikhundleni sikaMvelinqangi bazithathela izithixo ukuze mhlawumbe bathole usizo.
75. Azikwazi ukubasiza futhi bona kuzona bayibutho elilethwe ngaphambili.
76. Ngakho-ke ayingakuphathi kabi inkulumo yabo ngempela thina siyakwazi lokho abakufihlayo kanye nalokho abakuveza obala.
77. Ngakube umuntu akaboni yini ukuthi samdala ngeconsi lesidoda kulapho yena eyisitha esigqamile.
78. Futhi wasenzela isibonelo wakhohlwa yindalo yakhe wathi, "ngubani onika amathambo impilo uma esewuthuli na?"
79. Ithi, "uwanika impilo lowo owadalayo ngesikhathi sokuqala futhi yena uyisazi sazona zonke izidalwa".
80. Lowo owanibekela umlilo esihlahleni esiluhlaza kulapho nina nokhela kuwona.
81. Angeke yini lowo owadala amazulu nomhlaba akwazi ukudala okufana nabo na? Yebo! Yena ungumdali owaziyo.
82. Kuphela, impoqo yakhe, uma ehlose into ethize uthi kuyona "yenzeka" bese iyenzeka.
83. Ngakho-ke udumo malube kulowo esandleni sakhe ekunombuso wezinto zonke futhi niyophindiselwa kuyena.

# (37)
# As-Saff'at – Abahlelwe ngezigaba (omigqa)

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngalabo abahlelwe ngezigaba.
2. Ngalabo abahambisa amafu ngendlela enhle.
3. Ngalabo abafunda isikhumbuzo.
4. Ngempela uMvelinqangi wenu munye.
5. INkosi yamazulu nomhlaba kanye nako konke okuphakathi kwako kokubili neNkosi yempumalanga.
6. Ngempela thina salihlobisa izulu eliseduzane ngomhlobiso wezinkanyezi.
7. Nokulondolozwa kwalo mayelana nabobonke osathane abahlubukayo.
8. Abakwazi ukulalela inhlangano ephakeme kakhulu futhi bajikijelwa kuwona wonke amacala.
9. Bayaxoshwa futhi okwabo yisijeziso sangunaphakade.
10. Ngaphandle kwalowo ohlwitha okuthize ngokuntshontsha bese elandelwa yilangabi lomlilo elihlabayo.
11. Ngakho-ke babuze ukuthi ngakube yibona yini abanzima ekudaleni noma yilabo esabadalayo na? Ngempela thina sabadala ngobumba olunamathelayo.
12. Kepha uyamangala kulapho benza inhlekisa.
13. Futhi uma bekhunjuziswa abakhumbuli.
14. Futhi uma bebona uphawu benza inhlekisa.
15. Futhi bathi, "lokhu akuyilutho ngaphandle komlingo ogqamile".
16. Ngakube uma sesifile saphenduka uthuli namathambo ngempela siyovuswa yini na?
17. Kanye nobaba bethu basendulo na?

18. Ithi, "yebo futhi nina niyothotshiswa.
19. Kuyoba ukukhala okukodwa kuphela kulapho bona bebhekile.
20. Futhi bayothi, "Oh usizi kuthina! lolu wusuku lwenhlawulo".
21. Lolu wusuku lokugcina enaniluphika.

***Isigaba sesibili (2)***

22. Baqoqeleni ndawonye labo ababeyizoni kanye namaqembu abo kanye nakho konke loko ababekukhonza.
23. Esikhundleni sikaMvelinqangi bese nibaholela endleleni yesihogo.
24. Futhi nibamise ngempela ukuze babuzwe.
25. Kwenzenjani ngani nangalekelelani na?
26. Kepha bona ngalolosuku bayozinikela.
27. Futhi abanye babo bayophendukela kwabanye bebuzana bodwa.
28. Bayothi, "ngempela nina naniza kuthina niqhamuka ngakwesokudla".
29. Bayothi, "kepha naningeyiwona amakholwa".
30. Futhi sasingenalo igunya phezulu kwenu, kepha nina naningabantu abephula umthetho.
31. Ngakho-ke liyaqiniseka kuthina izwi leNkosi yethu ngempela thina sizozwa.
32. Manjalo saniphambukisa (endleleni eqondile) ngempela nathi sasiphambukile.
33. Ngakho-ke ngempela bona ngalolosuku bazoba ngababelanayo esijezisweni.
34. Ngempela sibenza kanjalo abayizoni.
35. Ngempela bona kwakuthi uma kuthiwa kubona, "ayikho into enokukhonzwa ngaphandle kukaMvelinqangi" bese bayaziqhayisa.
36. Futhi bathi, "ngakube thina sizoyeka onkulunkulu bethu ngenxa yembongi ehlanyayo na?

37. Kepha ulethe iqiniso futhi uqinisekisa izithunywa.
38. Ngempela nina nizosizwa isijeziso esibuhlungu.
39. Futhi angeke ninikezwe umvuzo ngaphandle kwalokho enanikwenza.
40. Ngaphandle kwezinceku zikaMvelinqangi ezimsulwa.
41. Labo-ke okwabo yisabelo esaziwayo.
42. Izithelo, futhi bona bangabahlonishwa.
43. Ezivandeni zenjabulo.
44. Ezihlalweni zobukhosi bebhekene.
45. Siyozungeleziswa kubona isitsha esinewayini.
46. Elimhlophe, elimtoti kwabaliphuzayo.
47. Abukho ubungozi kulona futhi bona abakutholi ukudakwa kulona.
48. Futhi eduzane nabo kuyoba nabesifazane abamsulwa abanamehlo amahle.
49. Okusengathi bona abesifazane bangamaqanda angakaze athintwe.
50. Ngakho-ke abanye babo bayophendukela kwabanye bebuzana.
51. Isikhulumi phakathi kwabo siyothi, “ngempela mina nganginomngane”.
52. Owayethi, “ngakube ngempela wena ungomunye wabakholwayo na?
53. Ngakube uma sesifile sabawuthuli namathambo ngakube ngempela siyojeziswa”.
54. Wathi, “Singaya yini ukuyobabona?”
55. Ngakho-ke wabheka phansi wambona esesihogweni.
56. Wathi, “ngoMvelinqangi! Ucishe wangenza ngabhubha”.
57. Futhi ukube bekungesingenxa yomusa weNkosi yami ngempela bengizokuba ngomunye wabalethiwe.
58. Ngakube thina angeke sife?
59. Ngaphandle kokufa kwethu kwasekuqaleni futhi ngakube angeke yini sibe ngabajeziswayo na?
60. Ngempela lokhu kungukuphumelela okukhulu.

61. Okufana nalokhu ziyakusebenzela izisebenzi.
62. Ngakube lokhu kungukujabula okungcono noma yisihlahla sezaQum na?
63. Ngempela sasenza saba yisivivinyo kwabayizoni.
64. Ngempela sona siphuma esiqwini sesihogo.
65. Izithelo zaso zinjengamakhanda osathane.
66. Ngakho-ke ngempela bona bayodla kusona bagcwalise izisu ngaso.
67. Besekuthi ngempela okwabo phezulu kwaso kube ngamanzi abilayo.
68. Besekuthi ngempela ukuphindela kwabo kube semlilweni ovuthayo wesihogo.
69. Ngempela bona bathola oyise bedukile.
70. Ngakho-ke bona bashesha ezinyathelweni zabo.
71. Futhi ngempela ngaphambilini kwabo laduka iningi labasendulo.
72. Futhi ngempela sabathumela kubona abaxwayisi.
73. Ngakho-ke bheka ukuthi sasinjani isiphetho sababexwayisiwe.
74. Ngaphandle kwezinceku zikaMvelinqangi ezimsulwa.

***Isigaba sesithathu (3)***

75. Futhi ngempela uNowa wasibiza, singabaphenduli abangcono kakhulu.
76. Futhi samsindisa kanye nabantu bakhe ekuhluphekeni okukhulu.
77. Futhi sayenza inzalo yakhe yaba ngabasalayo.
78. Futhi samshiyela (udumo) ezizukulwaneni ezilandelayo.
79. Ukuthula makube kuNowa emihlabeni.
80. Ngempela sibanika kanjalo umvuzo abenzi bokuhle.
81. Ngempela yena ungomunye wezinceku zethu ezikholwayo.
82. Sabe sesiyabaminzisa abanye.
83. Futhi ngempela eqenjini lakhe kwakukhona u-Abrahamu.

84. Khumbula ngenkathi eza eNkosini yakhe ngenhliziyo ephelele.
85. Khumbula ngenkathi ethi kuyise nakubantu bakhe, “yini eniyikhonzayo na”.
86. Ngakube ngamanga izithixo enizifisayo esikhundleni sikaMvelinqangi na?
87. Ngakube yimuphi umcabango wenu ngeNkosi yemihlaba na?
88. Ngakho-ke wajeqeza izinkanyezi kanye.
89. Wayesethi, “ngempela mina ngiyagula”.
90. Ngakho-ke bamfulathela bahamba.
91. Ngakho-ke waphendukela ezithixweni zabo wayesethi, “Ngakube anidli yini na?
92. Kungani ningakhulumi na?
93. Ngakho-ke waphendukela phezulu kwazo, wazishaya ngesandla sokunene.
94. Manjalo beza kuyena beshesha.
95. Wathi, “Ngakube nikhonza loko enikuqophayo na?
96. Kulapho uMvelinqangi anidala kanye nalokho enikwenzayo.
97. Bathi, “makheleni isakhiwo bese nimposa emlilweni ovuthayo”.
98. Base bemdalela icebo ngakho-ke sabenza babangabehlisiweyo.
99. Futhi wathi, “ngempela mina ngiya eNkosini yami izongihola”.
100. Nkosi yami ngiphe (indodana) kubenzi bokuhle.
101. Ngakho-ke samnika izindaba ezinhle zomfana obekezelayo.
102. Manjalo kwathi lapho (indodana yakhe) seyikhule ngokwanele ukuhamba naye wathi, “Oh ndodana yami! Ngempela mina ngibone ephusheni lami ngikunikela, ngakho-ke bheka ubonani, yathi (indodana yakhe) Oh baba wami! Yenza lokho okuphoqwayo, uzongithola ngingowababekezelayo uma uMvelinqangi ethanda.
103. Ngakho-ke kwathi lapho bobabili sebezinikele (entandweni kaMvelinqangi) esembeke phansi ngesiphongo.
104. Sammemeza sathi, “Oh Abrahamu!”

105. Ngempela uwufezile umbono, ngempela nathi ngokunjalo sibanika umvuzo abenzi bokuhle.
106. Ngempela lokhu kuwukuvivinywa okucacile.
107. Futhi samhlenga ngomnikelo omkhulu.
108. Futhi samshiyela (udumo) kwabanye.
109. Ukuthula makube ku-Abrahamu.
110. Sibanika kanjalo umvuzo abenzi bokuhle.
111. Ngempela yena wayengomunye wezinceku zethu ezikholwayo.
112 Futhi samnika izindaba ezinhle zika-Isaka kumphrofethi ongomunye wabalungileyo.
113 Futhi sambusisa yena kanye no-Isaka, futhi enzalweni yabo bobabili kunabenzi bokuhle kanye nabazona bona uqobo lwabo ngokusobala.

***Isigaba sesine (4)***

114 Futhi ngempela umusa sawethwesa uMose kanye no-Aroni.
115 Futhi sabasindisa bobabili kanye nabantu babo bobabili ekuhluphekeni okukhulu.
116 Futhi sabasiza ngakho-ke bona babangabanqobayo.
117 Futhi bobabili sabanikeza incwadi ecacile.
118 Futhi bobabili sabahola endleleni eqondile.
119 Futhi bobabili sabashiyela (udumo) ezizukulwaneni zangamumva.
120 Ukuthula makube kuMose naku-Aroni.
121 Ngempela sibanika kanjalo umvuzo abenzi bokuhle.
122 Ngempela bona bobaili babengabanye bezinceku zethu ezikholwayo.
123 Futhi ngempela u-Elyas wayengomunye wezithunywa.
124 Ngenkathi ethi kubantu bakhe, “ngakube animesabi yini (uMvelinqangi) na?
125 Ngakube nimemeza uBali niyeka ongcono kunabo bonke abadali?

126 UMvelinqangi yiNkosi yenu neNkosi yoyihlo basendulo.
127 Kepha bamphika ngakho-ke ngempela bona bayolethwa ngaphambili.
128 Ngaphandle kwezinceku zikaMvelinqangi ezimsulwa.
129 Futhi samshiyela (udumo) ezizukulwaneni zangamumva.
130 Ukuthula makube ku-Elyas.
131 Ngempela sibanika kanjalo umvuzo abenzi bokuhle.
132 Ngempela yena wayengomunye wezinceku zethu ezikholwayo.
133 Futhi ngempela uLothi wayengomunye wezithunywa.
134 Khumbula ngenkathi simsindisa kanye nabantu bakhe bonke.
135 Ngaphandle kowesifazane omdala (unkosikazi wakhe) owayekanye nabasalele ngemumva.
136 Sabe sesiyababhubhisa abanye.
137 Futhi ngempela nina nidlula ngakubona ekuseni.
138 Nasebusuku, ngakube aninawo yini umqondo?

***Isigaba sesihlanu (5)***

139 Futhi ngempela uYunus (uJona) wayengomunye wezithunywa.
140 Khumbula ngenkathi egijima eya emkhunjini ogcwele.
141 Manjalo waphonsa inkatho wayeseba ngomunye wabalahlekelweyo.
142 Ngakho-ke inhlanzi yamgwinya kulapho yena efanelwe ukusolwa.
143 Kepha ukuba wayengesiyena omunye wabadumisayo.
144 Ngempela wayezohlala esiswini sayo (inhlanzi) kuze kube wusuku lokuvuka kwabafileyo.
145 Ngakho-ke samphonsa ogwini olomile kulapho yena egula.
146 Futhi samilisa isihlahla soselwa phezulu kwakhe.
147 Futhi samthumela kwabayinkulungwane noma ngaphezulu.
148 Ngakho-ke bakholwa, sabe sesibanika injabulo okwesikhashana.

149 Ngakho-ke babuze ngakube okweNkosi yakho ngamadodakazi okwabo ngamadodana na?
150 Noma sadala izingelosi zabangabesifazane kulapho bona bebhekile?
151 Ngempela kungamanga abo abakushoyo.
152 (Ukuthi) Umvelinqangi wazala futhi ngempela bona banamanga.
153 Wakhetha amadodakazi ngaphezulu kwamadodana na?
154 Kwenzekani ngani nehlulela kanjani?
155 Noma ninegunya elicacile na?
156 Ngakho-ke lethani incwadi yenu uma kungukuthi nineqiniso.
157 Futhi benza ubudlelwane phakathi kwakhe namaJinn, futhi ngempela amaJinn azi kahle ukuthi ngempela wona ayolethwa ngaphambili.
158 Makadunyiswe uMvelinqangi ngaphezulu kwalokho abakuchazayo.
159 Ngaphandle kwezinceku zikaMvelinqangi ezimsulwa.
160 Ngakho-ke nina kanye nalokho enikukhonzayo.
161 Angeke nibalinge ngaye.
162 Ngaphandle kwalowo onqunyelwe ukusha esihogweni.
163 Futhi akekho namunye wethu ngaphandle kwalowo onendawo eyaziwayo.
164 Futhi ngempela thina sime ngolayini.
165 Futhi ngempela thina singabadumisayo.
166 Futhi babejwayele ukuthi.
167 Ukube sasinaso isikhumbuzo esinjengesabantu basendulo.
168 Sasizoba yizinceku zikaMvelinqangi eziqotho.
169 Kepha abakholelwanga kusona, ngakho-ke bayokwazi.
170 Futhi ngempela izwi lethu selahamba ngaphambili laya ezincekwini zethu, izithunywa.
171 Ngempela zona okwazo ukwelekelelwa.
172 Futhi ngempela amabutho ethu okwawo ukunqoba.
173 Ngakho-ke suka kubona kuze kube yisikhashana.

174 Futhi babone ngakho-ke nabo bazobona.
175 Ngakube yisijeziso sethu abafuna ukuthi sisheshe?
176 Ngakho-ke uma (isijeziso) sesehlela egcekeni labo ngakho-ke kuyokuba kubi ukusa kulabo abaxwayiswayo.
177 Ngakho-ke suka kubona kuze kube yisikhashana.
178 Futhi bheka, ngakho-ke nabo bayobona.
179 Mayidunyiswe iNkosi yakho, iNkosi yamandla ngaphezulu kwalokho abakuchazayo.
180 Futhi ukuthula makube phezulu kwezithunywa.
181 Futhi udumo lungolukaMvelinqangi iNkosi yemihlaba.

# (38)
# Swad-Uhlamvu lwemfihlakalo

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Swad, ngeQur'an enesikhumbuzo.
2. Kepha labo abangakholwanga basekuziphazamiseni nasekuphikisaneni.
3. Zingaki izizukulwane esazibhubhisa ngaphambilini kwabo ngakho-ke zakhala kulapho sasingekho isikhathi sokuphunyuka?
4. Futhi bamangale ukuthi bafikelwe ngumxwayisi ophuma phakathi kwabo futhi abangakholwanga bathi, "lona ngumlubi umqambimanga".
5. Ngakube wenza izithixo uNkulunkulu oyedwa na? ngempela lokhu kuyinto emangalisayo.
6. Futhi abaholi phakathi kwabo basuka bahamba, hambani futhi nibambelele ezithixweni zenu ngempela lokhu kuyinto ehlosiwe.
7. Asikaze sizwe ngalokhu enkolweni yokugcina, lokhu akuyilutho ngaphandle komqambo.
8. Ngakube sehliselwe phezulu kwakhe yini isikhumbuzo phakathi kwethu? Kepha bona basekungabazeni mayelana nesikhumbuzo, kepha abakasizwa isijeziso sami.
9. Noma, ngakube banawo yini amagugu omusa weNkosi yakho ephakeme ngamandla, ephanayo.
10. Noma okwabo umbuso wamazulu nomhlaba kanye nako konke okuphakathi kwako kokubili? Ngakho-ke mabakhuphuke ngemizamo (yabo).
11. Isixuku esiyohlulwa lapho phakathi kwezinhlangano.

12. Abantu baNowa baphika ngaphambilini kwabo kanye no-Ad noFaro.
13. NoThamud nabantu baLothi kanye nezihlali zase-Ayka.
14. Babengenzi lutho ngaphandle kokuphika izithunywa ngakho-ke saqiniseka isijeziso sami.

***Isigaba sesibili (2)***

15. Futhi laba abalindele lutho ngaphandle kokukhala (kwecilongo) okukodwa angeke kube nokulibala.
16. Futhi bathi, "Nkosi yethu sisheshisele ingxenye yethu ngaphambili kosuku lokubala (lokwahlulela)".
17. Kubekezelele lokho abakushoyo futhi khumbula inceku yethu uDavide onamandla ngempela yena wayephendukela emumva ngokuzisola.
18. Ngempela sazenza izintaba kanye naye ukuthi badumise (uMvelinqangi) kusihlwa nasekuseni.
19. Kanye nezinyoni zaqoqana ndawonye, konke kwakumthobela.
20. Futhi sawuqinisa umbuso wakhe futhi samupha ubuhlakani nokukhuluma.
21. Futhi ngakube sezifikile kuwena izindaba zezitha ngenkathi zingena egunjini lokuthandaza na?.
22. Ngenkathi zingena kuDavide ngakho-ke wazesaba zathi, "izimbangi ezimbili ungesabi omunye wethu wone omunye ngakho-ke yehlulela phakathi kwethu ngeqiniso futhi ungabi ngongenabo ubulungiswa futhi siholele endleleni elungile.
23. Ngempela lona ngumfowethu unezimvukazi ezingamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye mina nginemvukazi eyodwa, wayesethi, "nginike yona" futhi wangehlula ngempela.
24. Wathi (uDavide), "ngempela wenze okungenabo ubulungiswa kuwena ngokufuna imvukazi yakho ezimvukazini zakhe futhi ngempela baningi abahlanganyeli abacindezelana bodwa ngaphandle kwalabo abakholwayo futhi abenza okulungileyo

futhi bambalwa labo" futhi uDavide wabona ukuthi simlingile, ngakho-ke wacela intethelelo eNkosini yakhe, wawa phansi wazithoba futhi waphendukela kuMvelinqangi ngokuzisola.

25. Ngakho-ke samthethelela lokho futhi ngempela okwakhe ukusondela kuthina kanye nendawo yokuphindela enhle.

## *Isigaba sesithathu (3)*

26. Oh Davide! Ngempela thina sakwenza waba ngumholi emhlabeni ngakho-ke yehlulela phakathi kwabantu ngeqiniso futhi ungazilandeli izifiso zizokudukisa endleleni kaMvelinqangi, ngempela labo abadukayo endleleni kaMvelinqangi okwabo yisijeziso esinzima ngenxa yokuthi balikhohlwa usuku lokwahlulela.

27. Futhi asizange siwadale amazulu nomhlaba kanye nako konke okuphakathi kwawo ngaphandle kwenhloso, lokho wabona walabo abangakholwanga ngakho-ke usizi kulabo abangakholelwanga emlilweni.

28. Noma nifisa ukuthi senze labo abakholwayo futhi abenza okuhle okulungileyo njengezoni emhlabeni noma senze abesaba (uMvelinqangi) njengabenzi bokubi na?

29. Yincwadi esayembula kuwena ibusisekile ukuze badlinze ngamavesi ayo futhi ukuze bakhumbule labo abaqondayo.

30. Futhi sanikeza uDavide uSolomoni, inceku enhle kakhulu ngempela yena wayephendukela (kuMvelinqangi ngokuzisola).

31. Ngenkathi (amahhashi) ayeveziwe ngaphambili kwakhe kusihlwa aqeqeshwe kahle.

32. (Ngakho-ke wathi, "ngempela mina ngithande uthando lobuhle kunenkumbulo yeNkosi yami kwaze kwaba yilapho (ilanga) linyamalala esembozweni (sobumnyama).

33. (Wathi), "wabuyiseleni kumina" wayeseqala ukuphulula imilenze kanye nezintamo (zamahhashi)

34. Futhi ngempela samlinga uSolomoni futhi sabeka phezulu kwesihlalo sakhe sobukhosi umzimba wayesephenduka ngokuzisola.
35. Wathi, "Nkosi yami ngithethelele futhi ungiphe ubukhosi obungeke bufanele ngisho noma munye emva kwami, ngempela wena ungophayo".
36. Ngakho-ke sawenza umoya wamthobela waheleza ngempoqo yakhe noma ngabe yikuphi lapho ewuthumela khona.
37. Nabosathane bonke abakhi kanye nabatshuzi.
38. Kanye nabanye ababoshwe ngamaketango.
39. Lokhu yisipho sethu ngakho-ke yipha noma ugodle ngaphandle kokubala.
40. Futhi ngempela okwakhe ukusondela kuthina futhi indawo enhle yokuphindela.

***Isigaba sesine (4)***

41. Futhi khumbula inceku yethu u-Ayub (uJobe) ngenkathi ememeza iNkosi yakhe (ethi), "ngempela usathane ungithinte ngenkathazo nangesijeziso.
42. Gxoba ngonyawo lwakho lena yindawo yokugeza ebandayo kanye neyokuphuza.
43. Futhi samnikeza abantu bakhe (nabafana nabo kanye nabo) sabaphinda ngumusa ovela kuthina nesikhumbuzo salabo abaqondayo.
44. Futhi thatha ngesandla sakho isixhawu sotshani bese ushaya ngaso umkakho futhi ungasephuli isethembiso sakho, ngempela samthola engobekezelayo, inceku enhle kakhulu ngempela yena wayengokuphendukayo ngokuzisola.
45. Futhi khumbula izinceku zethu
46. U-Abrahamu no-Isaka kanye noJakobe bangabantu bamandla kanye nombono.

47. Ngempela thina sabakhetha (ngokubanika) isikhumbuzo sendawo yokuhlala.
48. Futhi ngempela bona kuthina bangabanye babakhethiwe ukwedlula bonke.
49. Futhi khumbula u-Ishmayeli no-Elisha no-Dhul-Kilf, Futhi bonke babengabanye babahle kakhulu.
50. Lesi yisikhumbuzo, futhi ngempela kwabakholwayo kunendawo enhle yokubuyela.
51. Izivande zangunaphakade amasango azo ayobavulekela.
52. Bacambalale lapho phakathi bayomemeza lapho phakathi (becela) izithelo eziningi kanye nokuphuzwayo.
53. Futhi eduzane kuyobe kunabesifazane abayobe bezithobile ekubhekeni, ontanga ngeminyaka.
54. Lokhu yilokhu enethenjiswa kona kwelanga lokubala.
55. Ngempela lokhu yisabelo sethu esingeke siphele.
56. Lokhu, futhi ngempela kwabenza okubi kunesiphetho esibi sokubuyela.
57. Isihogo bayongena kusona, yimbi leyondawo yokuphumula.
58. Lokhu abakuzwe amanzi abilayo kanye nobovu.
59. Kanye nokunye kohlobo lwako.
60. Leli yiqembu elingena kanye nani, angeke bemukelwe ngempela bona bayongena emlilweni.
61. Bayothi, "Chabo! Nina anemukelwe, nina nakuletha kuthina yimbi indawo yokuhlala".
62. Futhi bayothi, "Nkosi yethu lowo owaletha lokhu kuthina ngakho-ke mnezelele ngesijeziso esiphindwe kabili emlilweni".
63. Futhi bayothi, "kungani singawaboni amadoda (abantu) esasibabala phakathi kwabalungileyo.
64. Ngakube sibathathe njengenhlekisa noma amehlo akakwazi ukubabona.
65. Ngempela lelo yiqiniso – ingxabano nokuphikisana kwabantu bomlilo.

***Isigaba sesihlanu (5)***

66. Ithi, "kuphela mina ngingumxwayisi futhi akekho uNkulunkulu ekufanele akhonzwe ngaphandle kukaMvelinqangi oyedwa umnqobi".
67. INkosi yamazulu nomhlaba kanye nako konke okuphakathi kwako kokubili iphakeme ngamandla, iyathethelela.
68. Ithi, "loko kuyizindaba ezinkulu".
69. Nina enizifulathelayo.
70. Anginalo ulwazi ngabaholi (izinduna) eziphakeme ngenkathi ziphikisana.
71. Akwembulwanga lutho kumina ngaphandle kokuthi mina ngingumxwayisi ogqamile kuphela.
72. Khumbula ngenkathi iNkosi yakho ithi ezingelosini, "ngempela mina ngingumdali womuntu ngobumba".
73. Ngakho-ke kwathi lapho sengimenzile ngamphefumulela ngomoya wami nabe seniwa phansi najabalala ngaphambili kwakhe.
74. Ngakho-ke izingelosi zaguqa ngokuzithoba zonke ndawonye.
75. Ngaphandle kuka-Iblis waqhosha futhi wabangomunye wabangakholwa.
76. Wathi (uMvelinqangi), "Oh Iblis! Yini ekuvimbelayo ukuthi uthobele lowo engimdale ngezandla zami zombili na? Ngakube uziphakamisile noma ubengomunye walabo abaphakeme na?
77. Wathi (u-Iblis) mina ngingcono kunaye ungidale ngomlilo wabe sewumdala ngobumba.
78. Wathi (uMvelinqangi) ngakho-ke phuma kulona (izulu) ngempela wena ungogxoshiweyo.
79. Futhi ngempela siphezu kwakho isiqalekiso sami kuze kube usuku lokwehlulela.
80. Wathi (u-Iblis), "Nkosi yami nginike ithuba kuze kube usuku abayovuswa ngalo.

81. (UMvelinqangi) wathi ngakho-ke ngempela wena ungomunye wabanikwe ithuba.
82. Kuze kube wusuku lwesikhathi esaziwayo.
83. Wathi, "ngakho-ke ngokuhlonipheka kwakho ngempela ngizobadukisa bonke".
84. Ngaphandle kwezinceku zakho ezikhethiwe phakathi kwabo.
85. Wathi, "yiqiniso futhi yiqiniso engilishoyo".
86. Ngempela ngizogcwalisa isihogo ngawe kanye nangabobonke abakulandelayo phakathi kwabo.
87. Ithi anginiceli umvuzo ngako futhi mina angiyena omunye wabakhohlisi.
88. Akuyilutho ngaphandle kwesikhumbuzo emihlabeni.
89. Futhi ngempela nizozazi izindaba zaso emva kwesikhashana.

# (39)
# Al-Zumar-Izixuku

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Isambulo sencwadi sivela kuMvelinqangi ophakeme ngamandla onobuhlakani.
2. Ngempela sayembula kuwena incwadi ngeqiniso, ngakho-ke khonza uMvelinqangi ube qotho kuyena enkolweni.
3. Ngokungangabazeki, ingekaMvelinqangi inkolo eqotho futhi labo abazithathele abavikeli esikhundleni sakhe (bathi) kuphela sibakhonzela ukuthi basisondeze eduzane noMvelinqangi ngempela uMvelinqangi akamholi lowo ongumqambi manga ongabongi.
4. Ukube uMvelinqangi wayethanda ukuthatha indondana wayezokhetha kulokho akudalayo akuthandayo, udumo malube kuye! Yena unguMvelinqangi oyedwa umnqobi.
5. Wadala amazulu nomhlaba ngeqiniso, wenza ukuthi ubusuku bumboze imini futhi wenza ukuthi imini imboze ubusuku futhi wenza ilanga nenyanga kwathoba, konke kuhamba ngesikhathi esinqunyiwe ngokungangabazeki yena ungophakeme ngamandla ungothethelelayo.
6. Wanidala ngomphefumulo owodwa wabe esenza ngaye unkosikazi wakhe futhi wanehlisela phansi imfuyo engambili eyisishiyagalombili, unidala eziswini zabomama benu, indalo emva kwendalo ebumnyameni obuphindiwe kathathu lowo nguMvelinqangi iNkosi yenu bungobakhe ubukhosi akekho uNkulunkulu onokukhonzwa ngaphandle kwakhe ngakho-ke niphendukiselwa kanjani emumva?
7. Uma ningakholwa ngakho-ke ngempela uMvelinqangi akanidingi futhi akakuthandi ukungakholwa ezincekwini

zakhe futhi uma nibonga uyakuthokozela kunina, futhi akekho umthwali womthwalo oyothwala umthwalo womunye bese kuba seNkosini yenu ukubuyela kwenu bese iyanitshela ngaloko enanikwenza, ngempela yona iyisazi saloko okusezifubeni.

8. Futhi uma umuntu ethintwa ukhala kumvelinqangi ebheka kuye ecela intethelelo, kepha uma emupha emuseni wakhe, (umuntu) uyakhohlwa ukuthi ubekhala ngokuthintwa kwakhe, bese enza abahlanganyeli kanye no Mvelinqangi edukisa abantu kude nendlela ka-Allah. Ithi, "kujabulele nkungakholwa kwakho, nina yinina eningabangane besi hogo."

9. Kungabelowooqothophakathikobusukueguqilengokuzithoba futhi emile uqaphela impilo ezayo futhi uthembele emseni weNkosi yakhe ithi, "ngakube bayalingana yini labo abaziyo kanye nalabo abangazi na?" Kuphela yilabo abakhumbulayo abantu abaqondayo abathola ukukukweluleka.

10. Ithi, "Oh zinceku zami! lezo ezikholwayo yesabani iNkosi yenu" okwalabo abenza okuhle kakhulu kulomhlaba futhi umhlaba kaMvelinqangi ubanzi kuphela yilabo ababekezelayo abayokwemukela umvuzo wabo ngaphandle kwesibalo.

11. Ithi, "ngempela mina ngiphoqiwe ukuthi ngikhonze uMvelinqangi ngibeqotho enkolweni yakhe".

12. Futhi ngiphoqiwe ukuba ngibe ngowokuqala wabazinikele ngaphansi kwentando kaMvelinqangi.

13. Ithi, "ngempela mina ngiyesaba isijeziso sosuku olukhulu uma ngingayihlonipha iNkosi yami".

14. Ithi, "uMvelinqangi engimkhonzayo ngiqotho enkolweni yakhe".

15. Ngakho-ke khonzani loko enikuthandayo esikhundleni sakhe, ithi ngempela abalahlekelwe yilabo abalahlekelwe yimiphefumulo yabo kanye nabantu babo ngosuku lokuvuka kwabafileyo, ngempela loko ukulahlekelwa okucacile.

16. Okwabo kuyoba uphahla lomlilo ngaphezulu kwabo futhi nangaphansi kwabo izembozo (zomlilo) loko uMvelinqangi wesabisa ngako izinceku zakhe, Oh zinceku zami! ngakho-ke ngesabeni.
17. Futhi labo abagwema izithixo hleze bazikhonze bese bephendukela kuMvelinqangi okwabo yizindaba ezinhle ngakho-ke memezela izindaba ezinhle ezincekwini zami.
18. Labo abalalela inkulumo bese belandela okuhle kwayo labo-ke bayilabo abaholwa nguMvelinqangi futhi labo bangabantu abaqondayo.
19. Ngakube lowo eliqinisekile kuyena igama lesijeziso, ngakube wena ungamsindisa yini lowo osemlilweni?
20. Kepha labo abayesabayo iNkosi yabo okwabo ngamagumbi adephile elinye ngaphezulu kwelinye ngaphansi kwawo kugeleza imifula, yisethembiso sikaMvelinqangi, uMvelinqangi akehluleki esethembisweni.
21. Awuboni yini ukuthi uMvelinqangi wehlisela phansi amanzi avela esibhakabhakeni bese ewenza ukuthi angene ageleze njengeziphethu emhlabeni bese eveza ngawo izithelo ezinemibala eyehlukahlukene bese ziyabuna uzibone zibaphuzi bese ezenza ziba yizicucu, ngempela kuloko kunesikhumbuzo kubantu abaqondayo.

***<u>Isigaba ssibili (2)</u>***

22. Ngakube lowo uMvelinqangi avule isifuba sakhe esivulela i-Islam (ukuzinikela ngaphansi kwentando kaMvelinqangi) usekukhanyeni okuvela eNkosini yakhe? ngakho-ke usizi kulabo izinhliziyo zabo ezilukhuni esikhumbuzweni, labo basekudukeni okucacile.
23. NguMvelinqangi owehlisela phansi inkulumo enhle kakhulu incwadi ziyefana ziphindaphindiwe, izikhumba zalabo abesaba iNkosi yabo ziyathuthumela bngayo bese izikhumba

zabo kanye nezinhliziyo zabo ziyathamba enkumbulweni kaMvelinqangi, lokho ngukuhola kukaMvelinqangi, uhola ngako lowo amthandayo, futhi lowo uMvelinqangi amdukisayo ngakho-ke angeke abenaye umholi.

24. Ngakube lowo oyobhekana ngobuso bakhe nesijeziso esibi ngosuku lokuvuka kwabafileyo futhi kuyothiwa kwabayizoni yizwani loko nina enanikusebanzela.

25. Baphika labo ababengaphambilini kwabo ngakho-ke safika kubona isijeziso siqhamuka lapho bengaboni khona.

26. Ngakho-ke uMvelinqangi wabazwisa ihlazo empilweni yakulomhlaba futhi ngempela isijeziso sempilo ezayo sikhulu kakhulu ukube bebazi.

27. Futhi ngempela sabenzela abantu izibonelo kuleQur'an zazozonke izinhlobo ukuze bakhumbule.

28. IQur'an engesi-Arabhu engenabo ubuzombezombe ukuze bamesabe (uMvelinqangi).

29. UMvelinqangi wenza isibonelo sendoda ephethwe ngabahlanganyeli abaphikisanayo kanye nendoda ephethwe ngokuphelele ngumphathi (oyedwa) ngakube bobabili bayefana? Udumiso malube kuMvelinqangi kepha iningi labo alazi.

30. Ngempela uzokufa futhi ngempela nabo bazokufa.

31. Bese ngempela nina ngosuku lokuvuka kwabafileyo niyaphikisana ngaphambili kweNkosi yenu.

INGXENYE 24

***Isigaba sesine (4)***

32. Ngakho-ke ngubani ongalungile kakhulu kunalowo oqambela uMvelinqangi amanga futhi aphike iqiniso kulapho selimfikele na? kanti akuson yini isihogo indawo yokuhlala abangakholwa na?

33. Futhi lowo olethe iqiniso futhi akholelwe kulona labo bangabamesabayo Umvelinqangi

34. Okwabo kuyoba yinoma ngabe yintoni abayifisayo eNkosini yabo lowo ngumvuzo wabenzi bokuhle.
35. Ukuze uMvelinqangi asuse kubona okubi kakhulu kwaloko ababekwenza futhi abanike umvuzo wabo ngokuhle kakhulu kwaloko ababekwenza.
36. Ngakube uMvelinqangi akayanele yini inceku yakhe na? futhi bakwesabisa ngalabo (abakhonza abanye) esikhundleni sakhe futhi noma ngabe ngubani uMvelinqangi amshiya ekudukeni ngakho-ke akanaye umholi.
37. Futhi lowo oholwa nguMvelinqangi ngakho-ke akanaye umdukisi, akusiyena yini na uMvelinqangi ophakeme ngamandla ongumnini wokuphindisela?
38. Futhi uma ubabuza ukuthi ngubani owadala amazulu nomhlaba ngempela bazothi " nguMvelinqangi" ithi " ngakube nikubonile yini loko enikubizayo esikhundleni sikaMvelinqangi uma uMvelinqangi efisa ukungihlupha ngakube loko kungakususa ukuhlupha kwakhe na? noma uma efisa ukungikhombisa umusa ngakube loko kungawugodla yini umusa wakhe na?" ithi " uMvelinqangi unganele, bathembela kuyena abethembeli".
39. Ithi "Oh Bantu bami! Sebenzani ngendlela yenu, ngempela nami ngiyisisebenzi ngakho-ke niyokwazi?
40. Ukuthi ngubani esiza kuyena isijeziso esidumazayo futhi esivumeleke kuyena isijeziso esingapheliyo.
41. Ngempela sayembula kuwena incwadi siyembulela abantu ngeqiniso ngakho-ke noma ngabe ngubani oholekile kungokomphefumulo wakhe futhi noma ngabe ngubani odukayo kuphela uzidukela yena futhi wena awusiyena umgadi wabo.

***Isigaba sesihlanu (5)***

42. UMvelinqangi uyayithatha imiphefumulo ngesikhathi sokufa kwayo kanye naleyo engafi ekulaleni kwayo bese eyayigodla leyo ayinqumele ukufa bese ethumela eminye esikhathini esinqunyiwe, ngempela kulokhu kunezimpawu kubantu abaziyo.
43. Noma ngakube bazithathela abancengeli esikhundleni sikaMvelinqangi? Ithi "ngisho noma ngabe bengenalutho futhi bengenawo umqondo?
44. Ithi, "kungokukaMvelinqangi konke ukuncengela, ungowakhe umbuso wamazulu nomhlaba bese nibuyiselwa kuyena".
45. Futhi uma uMvelinqangi ekhunjulwa yedwa ziyashwabana izinhliziyo zalabo abangakholelwa empilweni ezayo kepha uma kukhunjulwa labo abanye esikhundleni sakhe yilapho bona bejabula.
46. Ithi "Oh Mvelinqangi msunguli wamazulu nomhlaba isazi sokungabonwa nokubonwayo wena wehlulela phakathi kwezinceku zakho kuloko eziphikisana kukona".
47. Futhi noma ngabe okwalabo abangalungile yikona konke okusemhlabeni kanye nokufana nako kanye nako banganikela ngako njengenhlengo ebubini besijeziso sosuku lokuvuka kwabafileyo futhi kuyoba sobala kubona kuvela kuMvelinqangi loko abangakucabanganga.
48. Futhi kuyovela obala kubona ububi lobo ababusebenzela futhi kuyoqiniseka kubona loko ababenza ngako inhlekisa.
49. Kepha uma umuntu ethintwa ukulimala umemeza thina kuthi lapho uma simnika ububele obuvela kuthina athi kuphela nginikwe bona ngenxa yolwazi lwami qhabobo yisivivinyo kepha iningi labo alazi.
50. Ngempela bakusho loko labo ababengaphambilini kwabo ngakho-ke akuzange kubasize loko ababekusebenzela.

51. Ngakho-ke behlelwa okubi ababekusebenzela futhi labo abangalungile phakathi kwalabo bayokwehlelwa okubi abakusebenzela futhi bona angeke baphunyuke.
52. Abazi yini ukuthi uMvelinqangi uyaselula isabelo kulowo amthandayo Futhi asinciphise, ngempela kuloko kunezimpawu kubantu abakholwayo.

***Isigaba sesithupha (6)***

53. Ithi "Oh zinceku zami! Lezo ezazimosha imiphefumulo yazo, ningapheli ithemba emseni kaMvelinqangi, ngempela uMvelinqangi uyazithethelela zonke izono, ngempela yena ungothethelelayo onesihawu".
54. Futhi phendukelani eNkosini yenu nizinikele kuyona ngaphambi kokuba isijeziso sifike kunina bese ningabi nakusizwa.
55. Futhi landelani okuhle kakhulu loko okwembulwa kunina okuvela eNkosini yenu ngaphambi kokuba sifike kunina isijeziso ngokuphazima kulapho nina ningaboni.
56. Hleze umphefumulo uthi, "Oh ukuzisola kwami kuloko engangingakunakile mayelana noMvelinqangi futhi ngangingomunye walabo ababenza inhlekisa".
57. Noma uthi, "ukube uMvelinqangi wayengiholile ngangizoba ngomunye wabalungileyo".
58. Noma uthi ngenkathi ubona isijeziso, "ukube bengingaba nelinye ithuba bengingaba ngomunye wabenzi bokuhle".
59. Yebo! Ngempela amavesi ami afika kuwena kepha wawaphika futhi waqhosha wabe sewuba ngomunye wabangakholwa.
60. Futhi ngosuku lokuvuka kwabafileyo uyobona labo ababeqambela uMvelinqangi amanga ubuso babo buyobe benziwe mnyama, esihogweni ayikho yini indawo yokuhlala abaziphakamisayo.

61. Futhi uMvelinqangi uyobasindisa labo abenza okulungileyo ngenxa yempumelelo yabo angeke bathintwe wokubi futhi bona angeke baphatheke kabi.
62. UMvelinqangi ngumdali wezinto zonke futhi yena ungumgadi ngaphezulu kwezinto zonke.
63. Ngezakhe izihluthulelo zamazulu nomhlaba futhi labo abangakholelwa emavesini kaMvelinqangi labo-ke bangabalahlekelwe.
64. Ithi, "ngakube ningiphoqelela ekukhonzeni abanye onkulunkulu okungesiyena uMvelinqangi Oh nina eningazi".
65. Futhi ngempela kwembulwa kuwena kanye nakulabo ababengaphambilini kwakho, uma wenzele uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni izenzo zakho zizobayize bese ubakulabo abalahlekelwe.
66. Ngakho-ke khonza uMvelinqangi futhi ube ngomunye wababongayo.
67. Futhi abasenzi isilinganiso (ngobunjalo) bukaMvelinqangi ngendlela ayiyona Futhi umhlaba wonke uyowubamba ngosuku lokuvuka kwabafileyo futhi amazulu ayogoqwa esandleni sakhe sokudla, udumo malube kuye futhi uphakeme ngaphezulu kwaloko ababekwenza abahlanganyeli ekumkhonzeni.
68. Futhi kuyokhaliswa icilongo bese beyafa bonke abasemazulwini nabobonke abasemhlabeni ngaphandle kwalabo ngokuthanda kukaMvelinqangi bese liyakhaliswa ngesinye isikhathi bese kuba yilapho besukuma belinda.
69. Futhi umhlaba uyocwebezela ngokukhanya kweNkosi futhi incwadi iyobekwa phansi futhi kuyolethwa abaphrofethi kanye nabofakazi, futhi kuyokwehlulelwa phakathi kwabo ngeqiniso futhi bona angeke benziwe okungenabo ubulungiswa.
70. Futhi umphefumulo nomphefumulo uyokhokhelwa ngokuphelele loko owakwenza futhi yena (uMvelinqangi) wazi kangcono ngalokho ababekwenza.

## ***Isigaba sesikhombisa (7)***

71. Futhi labo abangakholwanga bayolethwa esihogweni beyizixuku kuze kube yilapho befika kusona futhi iyovulwa iminyango yaso futhi bayothi kubona abaqaphi baso "ngakube azifikanga yini kunina izithunywa eziphuma phakathi kwenu zinifundela amavesi eNkosi yenu futhi zinixwayisa ngokuhlangana kwalolusuku lwenu na?" bayothi "yebo" kepha liyogcwaliseka izwi lesijeziso kwabangakholwa.
72. Kuyothiwa, "ngenani eminyangweni yesihogo nihlale lapho phakathi ingunaphakade, yimbi indawo yokuhlala abaqholoshayo".
73. Futhi labo abayesabayo iNkosi yabo bayolethwa esivandeni (ezulwini) beyizixuku kuze kube yilapho befika kulona futhi iyovulwa iminyango yalo futhi bayothi kubona abaqaphi balo "ukuthula makube kunina nenza kahle ngakho-ke ngenani kulona ingunaphakade".
74. Futhi bayothi "udumo malube kuMvelinqangi osifezile kuthina isethembiso sakhe futhi usenze saba yizindlalifa zezwe, sihlale ezulwini noma ngabe yikuphi lapho sithanda khona, muhle kakhulu umvuzo wabasebenzi.
75. Futhi uyobona izingelosi zizungeleze isihlalo (sikaMvelinqangi) sobukhosi zigubha indumiso yeNkosi yazo futhi kuyokwehlulelwa phakathi kwazo ngeqiniso Futhi kuyothiwa "Udumo malube kuMvelinqangi iNkosi yemihlaba".

# (40)
# Al-mu'min-ikholwa

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ha Meem
2. Isambulo sencwadi sivela kuMvelinqangi ophakeme ngamandla oyisazi.
3. Umthetheleli wesono nomamukeli wokuzisola, onzima ekujeziseni, umnikazi womusa, ayikho into enokukhonzwa ngaphandle kwakhe kukuyena ukubuyela.
4. Abekho abaphikisanayo ngamavesi kaMvelinqangi ngaphandle kwalabo abangakholwanga ngakho-ke akungakukhohlisi ukuzulazula kwabo ezweni.
5. Abantu baNowa baphika ngaphambilini kwabo kanye namaqembu emva kwabo futhi zonke izizwe zahlosa ukuphambana nesithunywa sazo ukuze zisibambe Futhi ziphikise ngamanga ukuze zenze ngawo iqiniso libe yize ngakho-ke ngabathatha sasinjani isijeziso sami.
6. Futhi kanjalo laqiniseka izwi leNkosi yakho kulabo abangakholwanga ukuthi bona bangabangane bomlilo.
7. Labo abathwele isihlalo sobukhosi kanye nalabo abasizungelezile, bagubha indumiso yeNkosi yakho futhi bakholelwa kuyona futhi bacelela labo abakholwayo intethelelo Nkosi yethu wengamele zonke izinto ngomusa nangolwazi ngakho-ke bathethelele labo abazisolayo futhi abalandela indlela yakho futhi baphephise esijezisweni sesihogo.
8. Nkosi yethu bangenise ezivandeni zaphakade lezo owabathembisa zona kanye noma ngabe ngubani olungile phakathi kobaba babo namakhosikazi abo kanye nenzalo yabo, ngempela wena ungophakeme ngamandla onobuhlakani.

9. Futhi bavikele ebubini futhi noma ngabe ngubani omvikelayo ebubini ngalolusuku ngempela unomusa kuyena futhi lokho kuyimpumelelo enkulu.

***Isigaba sesibili (2)***

10. Ngempela labo abangakholwanga bayobizwa "ngempela inzondo kaMvelinqangi yinkulu kakhulu kunenzondo yenu kunina uqobo ngenkathi nibizelwa enkolweni kepha nanenqaba.
11. Bathi Nkosi yethu usenze ukuthi sife kabili futhi wasiphilisa kabili ngakho-ke siyazivuma izono zethu, ngakube ikhona yini indlela yokuphuma na?.
12. Lokho kungenxa yokuthi ngenkathi uMvelinqangi emenyezwa yedwa anizange nikholwe kepha kwathi uma behlanganiswa naye abahlanganyeli nabe seniyakholwa ngakho-ke ukwehlulela kungokukaMvelinqangi ophakeme omkhulu.
13. Nguyena onikhombisa izimpawu zakhe futhi onehlisela phansi isabelo esivela ezulwini futhi akekho okhumbulayo ngaphandle kwalowo ophendukayo.
14. Ngakho-ke bizani uMvelinqangi nibe qotho kuyena enkolweni yize noma ngabe bengakuthandi loko abangakholwa.
15. Uphakeme ngamazinga, umnikazi wesihlalo sobukhosi, wenza ukuthi umoya wehlele kulowo amthandayo ezincekwini zakhe ngempoqo yakhe ukuze axwayise ngosuku lokuhlangana.
16. Ngosuku abayovela ngalo, akukho lutho olwabo oluyofihleka kuMvelinqangi, ungokabani umbuso ngalolusuku na? ungokaMvelinqangi oyedwa umnqobi.
17. Ngalolusuku yonke imiphefumulo izonikwa umvuzo ngalokho ekusebenzele angeke kwenziwe okungenabo ubulungiswa ngalolusuku, ngempela uMvelinqangi uyashesha ekubaleni.

18. Futhi baxwayise ngosuku olusondelayo lapho izinhliziyo ziyobe zisemiphinjeni, abangalungile angeke babe nomngane futhi angeke babenomncengeli oyohlonishwa.
19. Uyakwazi okungumkhohlisi wamehlo kanye naloko okufihlwa yisifuba.
20. Futhi uMvelinqangi wehlulela ngeqiniso futhi labo ababablizayo esikhundleni sakhe abehluleli lutho! Ngempela uMvelinqangi ungozwayo obonayo.

***Isigaba sesithathu (3)***

21. Abazange yini bahambe emhlabeni ukuze babone ukuthi sasinjani isiphetho salabo ababengaphambilini kwabo bona babenamandla amakhulu kunabo futhi beqatha uMvelinqangi ngezono zabo futhiabazange babenaye owayezobavikela kuMvelinqangi.
22. Lokho kungenxa yokuthi zazifika kubona izithunywa zabo namavesi acacile kepha abakholwanga ngakho-ke uMvelinqangi wababamba ngempela yena unamandla, unzima ekujeziseni.
23. Futhi ngempela samthumela uMose namavesi ethu kanye negunya elicacile.
24. Kufaro nakuHaman nakuKarun ngakho-ke bathi “umlumbi onamanga”.
25. Ngakho-ke kwathi lapho esebafikela neqiniso elivela kuthina bathi “bulalani amadodana alabo abakholwayo kanye naye, niyeke abesifazane babo” futhi icebo labangakholwa aliyilutho ngaphandle kokuduka.
26. Futhi uFaro wathi “ngiyekeni ngimbulale uMose ukuze abize iNkosi yakhe ngempela mina ngiyesaba ukuthi uzoyiguqula inkolo yenu noma enze ukuganga emhlabeni”.

27. Futhi uMose wathi “ngempela mina ngifune isiphephelo eNkosini yami neNkosi yenu kubona bonke abaziqhenyayo akakholelwa osukwini lokubala (lokwahlulela)”.

***Isigaba sesine (4)***

28. Futhi indoda ekholwayo emndenini kaFaro eyayifihle ukholo lwayo yathi ngakube nibulala indoda ngenxa yokuthi ithi “iNkosi yami nguMvelinqangi futhi ngempela inilethele izimpawu ezicacile ezivela eNkosini yenu, futhi uma iqamba amanga ngakho-ke aphezulu kwayo amanga ayo futhi uma ineqiniso nizokwehlelwa okunye kwaloko anethembisa kona ngempela uMvelinqangi akamholi lowo omoshayo ongumqambimanga.

29. Oh Bantu bami! Ungowenu umbuso namhlanje ningababusi emhlabeni ngakho-ke ngubani ozosivikela esijezisweni sikaMvelinqangi uma sifika kuthina? UFaro wathi, “anginikhombisi lutho ngaphandle kwengikubonayo futhi anginiholeli (kwenye indawo) ngaphandle kwasendleleni yokulunga”.

30. Futhi lowo owayekholwa wathi “Oh bantu bami! ngempela mina ngiyanesabela okufana nosuku lwezixuku”.

31. Njengesiphetho sabantu baNowa naba A’d nabaThamud kanye nalabo ababengemumva kwabo futhi uMvelinqangi akakuthandi ukungabi nobulungiswa ezincekwini.

32. Futhi Oh Bantu bami! Ngempela mina ngiyanesabela usuku lokubizana.

33. Ngosuku eniyofulathela ngalo nibaleka, aninaye umvikeli kuMvelinqangi futhi lowo odukiswa nguMvelinqangi ngakho-ke akanaye umholi.

34. Futhi ngempela uJosefa wafika kunina ngaphambilini nezimpawu ezicacile kepha naqhubeka nokuba sekungabazeni kuloko ayenifikele nako, kwaze kwaba uyafa nathi

"uMvelinqangi akasoze asithumele isithunywa ngemva kwakhe" Kanjalo uMvelinqangi umshiya ekudukeni lowo omoshayo ongabazayo.

35. Labo abaphikisanayo ngamavesi kaMvelinqangi ngaphandle kwegunya elafika kubona, kuzonde kakhulu kuMvelinqangi kanye nakulabo abakholwayo kanjalo uMvelinqangi uyayisicilela inhliziyo yalowo nalowo oqhoshayo ocindezelayo.
36. Futhi uFaro wathi, "Oh Haman! Ngakhele isakhiwo esiphakeme ukuze ngithole izindlela".
37. Izindlela zezulu ukuze ngikhuphukele kuNkulunkulu kaMose futhi ngempela ngicabanga ukuthi ungumqambi manga futhi kanjalo kwenziwa kuFaro babukeka bubuhle ububi bomsebenzi wakhe wayesevinjelwa endleleni futhi icebo likaFaro lalingeyilutho ngaphandle kokubhubha.

***Isigaba sesihlanu (5)***

38. Futhi lowo owayekholwa wathi, "Oh Bantu bami! ngilandeleni ngizoniholela endleleni elungile".
39. Oh Bantu bami! Kuphela lempilo yalomhlaba yinjabulo futhi ngempela impilo ezayo yindawo yokuphumula.
40. Noma ngabe ngubani owenza okubi angeke anikwe umvuzo ngaphandle kokufana nako futhi noma ngabe ngubani owenza okulungileyo engowesilisa noma engowesifazane futhi yena eyikholwa ngakho-ke labo bayongena esivandeni (ezulwini) bayokwabelwa khona ngaphandle kwesilinganiso.
41. Futhi Oh Bantu bami! Kungani ukuthi mina nginimemela ensindisweni kulapho nina ningimemela emlilweni.
42. Ningimemela ukuthi ngingakholwa kuMvelinqangi futhi ngimenzele abahlanganyeli ekumkhonzeni lokho engingenalo ulwazi lwako futhi mina nginimemela kophakeme ngamandla umthetheleli.

43. Ngempela ningibizela kuloko ekungafanelwe kubizwe kulomhlaba ngisho nasempilweni ezayo futhi ukuphindela kwethu kukuMvelinqangi futhi izoni zona zingabangane bomlilo.
44. Ngakho-ke niyokukhumbula loko engikushoyo kunina, futhi udaba lwami ngilubeka kuMvelinqangi, ngempela uMvelinqangi ungumboni wezinceku.
45. Ngakho-ke uMvelinqangi wamvikela ebubini balokho ababekuceba futhi saqiniseka kubantu baFaro isijeziso esibi.
46. Umlilo bayolethwa kuwona ekuseni nakusihlwa futhi ngosuku eliyofika ngalo ihora (kuyothiwa) "ngenisani abantu baFaro esijezisweni esinzima".
47. Futhi khumbula ngenkathi beyophikisana emlilweni ngakho-ke bayothi ababuthakathaka kulabo ababezigabisa "ngempela thina sasingabalandeli benu ngakube nizoyiqhelelanisa nathi yini na ingxenye yomlilo?".
48. Bayothi labo ababezigabisa, "ngempela sonke siphakathi kuwona, ngempela uMvelinqangi uyehlulela phakathi kwezinceku".
49. Futh labo abasemlilweni bayothi kubagadi besihogo, "bizani iNkosi yenu isenzele lula isijeziso sosuku olulodwa".
50. Bayothi, "azizange yini na zifike kunina izithunywa zenu namavesi acacile?" bayothi,"yebo" bayothi "ngakho-ke memezani futhi akuyilutho ukumemeza kwabangakholwa ngaphandle kokuduka nje

***Isigaba sesithupha (6)***

51. Ngempela thina siyazelekelela izithunywa zethu kanye nalabo abakholwayo empilweni yakulomhlaba nangosuku abayosukuma ngalo ofakazi.
52. Ngosuku lapho lingeke libasize abangalungile izaba labo futhi okwabo yisiqalekiso futhi okwabo yindawo embi yokuhlala.

53. Futhi ngempela samnikeza uMose ukuholwa futhi sabenza abantwana bakwa-Israyeli ukuthi babeyizindlalifa zencwadi.
54. Ukuhola kanye nesikhumbuzo kubantu abaqondayo.
55. Ngakho-ke bekezela, ngempela isethembiso sikaMvelinqangi siyiqiniso futhi cela intethelelo esonweni sakho futhi ugubhe indumiso yeNkosi yakho kusihlwa nasekuseni.
56. Ngempela labo abaphikisanayo ngamavesi kaMvelinqangi ngaphandle kwegunya elafika kubona, akukho lutho ezifubeni zabo ngaphandle kokuqhenya abangeke babenako ngakho-ke funa isiphephelo kuMvelinqangi ngempela yena ungozwayo obonayo.
57. Ngempela ukudalwa kwamazulu nomhlaba kukhulu kakhulu kunokudalwa kwabantu kepha iningi labantu alazi.
58. Futhi ayifani impumputhe nobonayo kanye nalabo abakholwayo futhi abenza okulungile nabenza okubi, kuncane loko enikukhumbulayo.
60. Ngempela ihora liyeza akukho ukungabaza kulona kepha iningi labantu alikholwa.
61. Futhi iNkosi yenu yathi, " ngimemezeni ngizoniphendula, ngempela labo abadelela ukukhonzwa kwami bayongena esihogweni bejabhisiwe".

***Isigaba sesikhombisa (7)***

62. UMvelinqangi nguyena owanenzela ubusuku ukuthi niphumule kubona nemini ukuze nibone, ngempela uMvelinqangi ugcwele umusa kubantu kepha iningi labantu alibongi.
63. Lowo nguMvelinqangi iNkosi yenu umdali wezinto zonke, ayikho into enokukhonzwa ngaphandle kwakhe niphendukelani emumva na?.
64. Kanjalo baphendukela emumva labo ababephika amavesi kaMvelinqangi.

65. NguMvelinqangi owanibekela umhlaba njengendawo yokuphumula kanye namazulu abayisakhiwo wayeseyanibumba nabayisimo senu esihle futhi wanabela ezintweni ezinhle, lowo nguMvelinqangi iNkosi yenu ngakho-ke ubusisekile uMvelinqangi, iNkosi yemihlaba.
66. Ungophilayo, ayikho into enokukhonzwa ngaphandle kwakhe ngakho-ke bizani yena nibe qotho kuyena enkolweni, udumo malube kuMvelinqangi iNkosi yemihlaba.
67. Ithi, "ngempela ngenqatshelwe ukuthi ngikhonze labo enibakhonzayo esikhundleni sikaMvelinqangi ngenkathi kufika kunina amavesi acacile avela eNkosini yami futhi ngiphoqiwe ukuthi ngizinikele eNkosini yemihlaba.
68. Yena uyilowo owanidala ngothuli kwasekuba yingesidoda kwasekuba ingehlule bese enikhipha niyizingane bese niyakhula nifinyelele ekubeni semandleni enu bese niba badala, futhi phakathi kwenu kunababafayo ngaphambi (kwalokhu) futhi nifinyelele esikhathini esinqunyiwe futhi ukuze niqonde.
69. Nguyena ophilisayo futhi obulalayo ngakho-ke uma enquma udaba kuphela uthi kulona " yenzeka" bese kuyenzeka.

## *Isigaba sesishiyagalombili (8)*

70. Awuboni yini labo abaphikisanayo ngamavesi kaMvelinqangi ukuthi baphendukiselwa kanjani emumva?.
71. Labo abaqamba amanga ngencwadi nangalokho esakuthumela nesithunywa bayokwazi.
72. Ngenkathi iziphika zensimbi zisezintanyeni zabo kanye namaketango abayodonswa ngawo.
73. Emanzini abilayo bese beshiswa emlilweni.
74. Bese kuthiwa kubona, " kuphi lokho enanenzela ngako uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni.

75. Esikhundleni sikaMvelinqangi bayothi, "banyamalele kuthina kepha sasingamemezi lutho ngaphambilini, kanjalo uMvelinqangi uyabadukisa abangakholwa.
76. Lokho kungenxa yokuthi naniziphakamisa emhlabeni ngaphandle kweqiniso nangenxa yokuthi nanijabula.
77. Ngenani emasangweni esihogo nihlale phakathi ingunaphakade, yimbi indawo yoku abaqholoshayo.
78. Ngakho-ke bekezela, ngempela isethembiso sikaMvelinqangi siyiqiniso noma sikubonisa ingxenye yaloko esibathembisa kona noma siyakubulala ngakho-ke kukuthina ukubuyiselwa kwabo.
79. Futhi ngempela sazithumela izithunywa ngaphambilini kwakho phakathi kwazo kunalezo esikutshelile ngomlando wazo futhi phakathi kwazo kunalezo esingazange sikutshele umlando wazo futhi kwakungesikona okwesithunywa ukuthi size nophawu (noma ivesi) ngaphandle kwemvume kaMvelinqangi, ngakho-ke uma kufika impoqo kaMvelinqangi kwehlulelwa ngeqiniso futhi bazolahlekelwa abalandeli bamanga.

***<u>Isigaba sesishiyagalolunye (9)</u>***

80. NguMvelinqangi owanenzela imfuyo ukuze nigibele kuzona nenze nezinye izidingo futhi nidle kuzona.
81. Futhi kuzona ninenzuzo ukuze nifinyelele ngazo ezidingweni ezisezifubeni zenu futhi phezulu kwazo naphezulu kwemikhumbi niyathwalwa.
82. Futhi uyanikhombisa izimpawu zakhe ngakho-ke yiziphi izimpawu zikaMvelinqangi eniziphikayo.
83. Ngakube abahambi yini emhlabeni ukuze babone ukuthi sasinjani isiphetho salabo ababengaphambilini kwabo, babebaningi kunabo futhi benamadla amakhulu nangezindlela ezweni, ngakho-ke akubasizanga lokho ababekusebenzela.

84. Ngakho-ke kwathi lapho sezifika kubona izithunywa zabo namavesi acacile bathokoza ngalokho okwakukanye nabo okolwazi kwase kuyaqiniseka kubona lokho ababenza ngako inhlekisa.

85. Ngakho-ke kwathi lapho sebesibona isijeziso sethu bathi sikholiwe kuMvelinqangi yedwa futhi siyakuphika lokho esasenzela ngako uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni.

86. Kepha akuzange kubasize ukukholwa kwabo kwathi lapho sebesibona isijeziso sethu, yindlela kaMvelinqangi eseyadlula ezincekwini zakhe futhi lapho balahlekelwe abangakholwa.

# (41)
# Ha-Mim – Izinhlamvu zeQurani

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ha meem
2. Isambulo esivela konomusa onesihawu.
3. Incwadi, enziwe acaca amavesi ayo iQur'an engesi-arabhu yabantu abaziyo.
4. Iletha izindaba ezimnandi futhi ingumxwayisi kepha liyafulathela iningi labo ngakho-ke bona abezwa.
5. Futhi bathi "izinhliziyo zethu zingaphansi kwezembozo kulokho osimemela kukona futhi ezindlebeni zethu kunobuthulu futhi phakathi kwethu nawe kunesisitho, ngakho-ke sebenza (ngendlela yakho) ngempela nathi siyasebenza".
6. Ithi, kuphela mina ngingumuntu njengani kwembuliwe kumina ukuthi uNkulunkulu wenu nguNkulunkulu oyedwa ngakho-ke yibani ngabaqondile kuyena futhi nicele intethelelo yakhe futhi usizi kwabenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni.
7. Labo abangayikhokhi izakaah (ingxenye yengcebo ekhokhelwa abampofu) futhi bona bengakholwelwa empilweni ezayo.
8. Ngempela labo abakholwayo futhi abenza okulungileyo okwabo ngumvuzo ongapheliyo.

***Isigaba sesibili (2)***

9. Ithi "ngukube ngempela nina anikholwa kulowo owadala umhlaba ezinsukwini ezimbili na? Futhi nimbekela izimbangi, lowo yiNkosi yemihlaba".

10. Futhi yabeka kuwona izintaba ngaphezulu kwawo futhi yawubusisa futhi kuwona yenza ukudla (kwezihlali) zawo ezinsukwini ezine (ukuze bazi) labo ababuzayo.
11. Yabe seyiphendukela ezulwini lona laliyintuthu yabeseyithi kulona nasemhlabeni "wozani nobabili nithanda noma ningathandi" kokubili kwathi, "siyeza sithanda"
12. (INkosi yemihlaba) yabe seyikuqeda ukukwakha kwaba ngamazulu ayisikhombisa ezinsukwini ezimbili futhi yembula kulelo nalelozulu udaba lwalo futhi sahlobisa izulu elingezansi ngezibani kanye nokulondolozeka, leso yisimiso sophakeme ngamandla, isazi.
13. Ngakho-ke uma befulathela ithi "nginexwayisile ngesehlakalo esifana nesehlakalo sika-A'D noThamud.
14. Ngenkathi zifika kubona izithunywa ziqhamuka ngaphambili kwabo nangemumva kwabo zathi "ningakhonzi lutho ngaphandle kukaMvelinqangi" bathi, "ukube iNkosi yethu yayithanda yayizokwehlisela phansi izingelosi, ngakho-ke thina singabangakholelwa kulokho enithunywe kona".
15. Mayelana noA'D, babezikhukhumeza emhlabeni ngokungesilona iqiniso futhi bathi,"ngubani onamandla amakhulu ukwedlula thina?, Ababoni yini ukuthi nguMvelinqangi owabadala, yena unamandla amakhulu ngaphezulu kwabo futhi babewaphika amavesi ethu.
16. Ngakho-ke sathumela kubona umoya onamandla ezinsukwini zeshwa ukuze sibazwise isijeziso esiyihlazo empilweni yakulomhlaba futhi isijeziso sempilo ezayo siyihlazo kakhulu futhi bona angeke balekelelwe.
17. Futhi mayelana (nabantu) ba-Thamud sabahola, kepha bathanda ubumpumputhe kunokuholwa, ngakho-ke sabathatha isehlakalo sesijeziso esiyihlazo ngenxa yaloko ababekwenza.
18. Futhi sabasindisa labo ababekholwa futhi abagwema ububi.

***Isigaba sesithathu (3)***

19. Futhi khumbula ngosuku lapho ziyobe ziqoqelwa emlilweni izitha zikaMvelinqangi ziyoqhutshelwa phambili.
20. Kuze kube yilapho uma zifika kusona ukuzwa kwazo (amadlebe azo) namehlo azo kanye nezikhumba zazo ziyofakaza maqondana nazo mayelana naloko ababekwenza.
21. Futhi (izitha zikaMvelinqangi) ziyothi ezikhumbeni zazo, "kungani nifakaza ngathi na? izindlebe zazo namehlo azo kanye nezikhumba zazo ziyothi, "nguMvelinqangi osenze ukuthi sikhulume lowo okunguyena owenza zonke izinto ukuthi zikhulume futhi yena wanidala ekuqaleni futhi niyobuyiselwa kuyena.
22. Futhi naningawambozi hleze amadlebe enu namehlo enu kanye nezikhumba zenu kufakaze maqondana nani, kepha nanicabanga ukuthi uMvelinqangi wayengazi kakhulu ngaloko enanikwenza.
23. Futhi lokho ngumcabango wenu lowo enaniwucabanga ngeNkosi yenu yanibhubhisa ngakho-ke nabangabanye babalahlekelwe.
24. Ngakho-ke uma bebekezela umlilo yindawo yabo yokuhlala futhi uma befuna ukuthokozisa (uMvelinqangi) ngakho-ke bona abayibona balabo abavunyelwe ukuthokozisa.
25. Futhi sababela abangane abakhulu, abenza kwabukeka kukuhle kubona lokho okwakungaphambili kwabo kanye nalokho okwakungemumva kwabo futhi yaqiniseka kubona inkulumo njengoba yaqiniseka ezizweni esezadlula ngaphambilini kwabo (izizwe) zamajinn kanye nabantu, ngempela bona babelahlekelwe.
26. Futhi labo abangakholwanga bathi, "ningayilaleli leQur'an futhi nenze umsindo uma ifundwa ukuze ninqobe".

27. Ngakho-ke ngempela siyobazwisa labo abangakholwanga isijeziso esinzima futhi ngempela siyobanika umvuzo wokubi kakhulu lokho ababekwenza.
28. Lowo ngumvuzo wezitha zikaMvelinqangi – umlilo, okwabo lapho phakathi kuyoba yikhaya langunaphakade (lokhu) yinkokhelo ngenxa yokuthi babephika amavesi ethu.
29. Futhi labo ababengakholwa bayothi, "Nkosi yethu sikhombise labo abasidukisa abangama-jinn nabantu ukuze bobabili sibabeke ngaphansi kwezinyawo zethu ukuze babengaphansi kunabobonke".
30. Ngempela labo abathi, "iNkosi yethu nguMvelinqangi" bese beyaqonda zehlele kubona Izingelosi, ningesabi futhi ningaphatheki kabi kepha yemukelani izindaba ezimnandi zesivande enanethenjiswe sona.
31. Thina singabangane benu empilweni yalomhlaba kanye nakwezayo futhi okwenu lapho phakathi (esivandeni) yinoma ngabe yini imiphefumulo yenu ekufisayo futhi okwenu phakathi kusona yinoma ngabe yintoni eniyifunayo.
32. Injabulo evela kothethelelayo onesihawu.

***Isigaba sesihlanu (5)***

33. Futhi ngubani ongcono kakhulu enkulumweni kunalowo omemela kuMvelinqangi futhi enze okulungileyo futhi athi, ngempela mina ngingomunye wabazithobile ngaphansi kwentando kaMvelinqangi.
34. Futhi akufani okuhle nokubi, vimba ngaloko okuhle kakhulu kulapho lowo ophakathi kwakho naye kunobutha kube sengathi yena ungumngane osondele
35. Futhi akekho oyonikwa kona (okuhle) ngaphandle kwalabo ababekezelayo futhi akekho oyonikwa kona ngaphandle komnikazi wenhlanhla enkulu.

36. Futhi uma usathane ekuchezukisa ngakho-ke funa isiphephelo kuMvelinqangi ngempela yena ungozwayo owaziyo.
37. Futhi ezinye zezimpawu zakhe ubusuku nemini nelanga nenyanga ningaliguqeli ilanga nenyanga kepha guqelani uMvelinqangi okunguyena owadala kona uma kungukuthi nguyena enimkhonzayo.
38. Kepha uma bezikhukhumeza ngakho-ke labo abaseNkosini yabo bayayidumisa ubusuku nemini futhi bona abakhathali.
39. Futhi ezinye zezimpawu zakhe ukuthi ubona umhlaba awutheli lutho kwaba yilapho sehlisela phezulu kwawo amanzi uyanyakaza futhi ukhukhumale, ngempela lowo owuphilisayo ungumphilisi wokufile ngempela yena wenza zonke izinto.
40. Ngempela labo abaphendukezela amavesi ethu abafihlekile kuthina, ngakube lowo ophonswa emlilweni ungcono noma uza ephephilengosuku lokuvuka kwabafileyo yenzani lokho enikufisayo ngempela yena (uMvelinqangi) ubona konke enikwenzayo.
41. Ngempela labo abangakholelwanga esikhumbuzweni kulapho sesifikile kubona futhi ngempela sona siyincwadi ephakeme ngezinga.
42. Amanga akezi kuyona ngaphambili kwayo nangemumva kwayo isambulo esivela konobuhlakani odunyiswayo.
43. Akukho lutho olushiwoyo kuwena ngaphandle kwaloko okwashiwo esithunyweni ngaphambilini kwakho, ngempela iNkosi yakho ngumnikazi wentethelelo futhi ngumnikazi wesijeziso esibuhlungu.
44. Futhi ukube besiyenzile iQur'an ngolimi lakwelinye izwe ngempela babezokuthi, " kungani ingachazwanga iminininingwane yamavesi ayo? Kungani hhayi ngesi-Arabhu kanye nom'Arabhu?" ithi yona eyalabo abakholwayo, umholi kanye nomelaphi futhi labo abangakholwa ezindlebeni zabo kunobuthuli futhi bona (ubuthuli) kuwubumpumputhe kubona, labo-ke babizwa endaweni ekude.

***Isigaba sesithupha (6)***

45. Futhi ngempela samnikeza uMose incwadi kwase kuvela impikiswano kuyo futhi ukube kwakungesingenxa yegama elaselidlulile elivela eNkosini yakho, ngempela kwakuzokwehlulelwa phakathi kwabo futhi ngempela bona basekungabazeni okukhulu ngayo.
46. Noma ngabe ngubani owenza okulungileyo ngakho-ke kungokomphefumulo wakhe futhi noma ngabe ngubani owenza okubi ngakho-ke kuphambene naye futhi iNkosi yakho ayinako ukungabi nobulungiswa ezincekwini.
47. Luqondene naye ulwazi lwehora futhi asikho isithelo esiphumayo ekhasini laso futhi akekho owesifazane okhulelwayo noma azale ngaphandle kolwazi lwakhe futhi ngosuku lapho ebabiza (ethi) "baphi abahlanganyeli bami bayothi, " siyamemezela kuwena ukuthi akekho phakathi kwethu ufakazi".
48. Futhi kuyonyamalala kubona lokho ababekubiza ngaphambilini futhi bayocabanga ukuthi abanayo indawo yokukhosela.
49. Umuntu akakhathali ukucela okuhle kepha uma ethintwa okubi uphatheka kabi aphelelwe yithemba.
50. Futhi uma simzwisa umusa ovela kuthina emva kokuba ukuhlupheka sekumthintile ngempela uthi, "lokhu kungokwami futhi angicabangi ukuthi ihora liyofika futhi uma ngiphindiselwe
51. eNkosini yami ngempela okwami okuhle kakhulu kuyona, ngakho-ke ngempela siyobatshela labo abangakholwanga ngalokho ababekwenza futhi ngempela siyobazwisa isijeziso esinzima.
52. Futhi uma sikhombisa umusa kumuntu uyahoxa futhi afulathele kepha uma ethintwa okubi wenza umthandazo omude.

53. Ithi, "ngakube nibonile yini uma ivela kuMvelinqangi (iQur'an) nabeseniyayiphika, ngakube ngubani oduke kakhulu kunalowo osekuhlubukeni okukude le!"
54. Siyobakhombisa izimpawu zethu emhlabeni kanye nasemiphefumulweni yabo kuze kube sobala kubona ukuthi yona iyiqiniso, ngakube akwanele yini ukuthi iNkosi yakho yona ingufakazi phezulu kwezinto zonke?
55. Bheka! Ngempela bona basekungabazeni mayelana nokuhlangana ne Nkosi yabo, Bheka! Ngempela yona ingamele zonke izinto.

# (42)
# Al-Shura – Isigungu (ukubonisana)

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ha Meem
2. Ain Sin Qaf.
3. Kanjalo uyakwembula kuwena kanye nakulaba ababengaphambilini kwakho, nguMvelinqangi ophakeme ngamandla onobuhlakani.
4. Kungokwakhe noma ngabe yini esemazulwini kanye noma ngabe yini esemhlabeni futhi yena uphakeme kakhulu, mkhulu.
5. Amazulu angase adabuke phakathi ngaphezulu kwawo futhi izingelosi zigubha indumiso yeNkosi yazo futhi zicelela labo abasemhlabeni intethelelo bheka! Ngempela uMvelinqangi yena ungothethelelayo onesihawu.
6. Futhi labo abathatha (abanye) abavikeli esikhundleni sakhe, uMvelinqangi ungumlondolozi phezulu kwabo futhi wena awusiyena umphathi phezulu kwabo.
7. Futhi kanjalo siyembulile kuwena iQur'an ngesi-Arabhu ukuze uxwayise unina wamadolobha kanye noma ngabe ngobani abawazungelezile futhi uxwayise ngosuku lokuhlangana, akukho ukungabaza ngalo, ingxenye iyokuba sesivandeni futhi (enye) ingxenye ibe semlilweni ovuthayo.
8. Futhi ukube uMvelinqangi wayethanda wayezobenza isizwe esisodwa kepha ufaka lowo amthandayo emseni wakhe futhi izoni azinaye umvikeli noma umsizi.
9. Noma ngakube bazithathela abavikeli esikhundleni sakhe, kepha nguMvelinqangi ongumvikeli futhi yena uphilisa abafile futhi yena wenza zonke izinto.

***Isigaba sesibili (2)***

10. Futhi noma ngabe yini eniphikisana kuyona, ngakho-ke isehlulelo sayo sikuMvelinqangi, lowo nguMvelinqangi iNkosi yami ngethembele kuyena futhi ngiphendukela kuyona ngokuzisola.
11. Umdali wamazulu nomhlaba wanenzela phakathi kwenu ngakubili futhi nasezinkomeni ngakubili, uyaniphindaphinda akukho lutho olufana naye futhi yena ungozwayo obonayo.
12. Ngezakhe izihluthulelo zamazulu nomhlaba. Uyaselula isabelo kunoma ngabe ngubani amthandayo futhi anciphise, ngempela yena uyisazi sazo zonke izinto.
13. UMvelinqangi wanibekela inkolo leyo ayibekela uNowa kanye naleyo esiyembulile kuwena kanye nesayembula ku-Abrahamu nakuMose kanye nakuJesu ukuthi baqinise inkolo, futhi ningaqembukelani kuyona, kunzima kulabo abakhonza izithombe lokho enibamemela kukona, uMvelinqangi uziqokela lowo amthandayo futhi uholela kuyena lowo ophendukela kuyena ngokuzisola.
14. Futhi babengaqembukelene kwaze kwaba yingaphambili kokuba sebefikelwe ulwazi ngenxa yomona nenzondo phakathi kwabo futhi ukube kwakungesingenxa yegama eselidlulile elivela eNkosini yakho esikhathini esimisiwe kwakuzokwehlulelwa phakathi kwabo, futhi ngempela labo ababenziwe ukuthi badle ifa lencwadi emva kwabo ngempela basekungabazeni okunzima ngayo.
15. Ngakho-ke kulokho mema futhi ume uqine njengokuba uphoqiwe futhi ungalandeli izifiso zabo futhi ithi, "ngikholiwe kulokho okwembulwa nguMvelinqangi okuyincwadi futhi ngiphoqiwe ukuthi ngenze ubulungiswa phakathi kwenu, uMvelinqangi yiNkosi yethu neNkosi yenu, okwethu yimisebenzi yethu nokwenu yimisebenzi yenu, ayikho

impikiswano phakathi kwethu nani, uMvelinqangi uyosiqoqela ndawonye futhi kukuyena ukuphindela kokugcina.

16. Futhi labo abaphikisanayo ngoMvelinqangi emva kokuba sekwamukeliwe impikiswano yabo iyize leze eNkosini yabo futhi phezulu kwabo kunentukuthelo (kaMvelinqangi) futhi okwabo yisijeziso esinzima.
17. NguMvelinqangi owembula incwadi ngeqiniso nangesikalo, futhi yini ekwenza wazi ukuthi mhlawumbe ihora selisondele?
18. Ukulisheshisa (ihora bayakufisa) labo abangakholelwa kulona kulapho labo abakholwayo belesaba futhi bayazi ukuthi lona liyiqiniso bheka! Ngempela labo abaphikisanayo mayelana nehora ngempela basekudukeni okukude le.
19. UMvelinqangi unomusa ezincekwini zakhe wabela noma ngabe ngubani amthandayo futhi yena uqatha, ungophakeme ngamandla.

***Isigaba sesithathu (3)***

20. Noma ngabe ngubani ofisa isivuno sempilo ezayo siyamunezelela esivunweni sakhe futhi noma ngabe ngubani ofisa isivuno salomhlaba simunika sona futhi empilweni ezayo angeke abenayo ingxenye.
21. Noma ngakube banabahlanganyeli ababamisele inkolo, lokho angakuvumelanga uMvelinqangi futhi ukube kwakungesingenxa yegama lamanqamu ngempela kwakuzokwehlulelwa phakathi kwabo futhi ngempela izoni okwazo yisijeziso esibuhlungu.
22. Uyozibona izoni zesaba ngenxa yezakusebenzela futhi kona kwehlela kubona futhi labo abakholwayo futhi abenza okulungileyo bayokuba sezimfundeni zezivande, okwabo kuyoba yinoma ngabe yini abayifunayo ngaphambili kweNkosi yabo, lowo ngumusa omkhulu.

23. Lokho, yilokho uMvelinqangi akutshela izinceku zakhe njengezindaba ezinhle lezo ezakholwa futhi ezenza okulungileyo, ithi, "angiwuceli umvuzo kunina ngakho ngaphandle kothando ezihlotsheni zami nakunoma ngabe ngubani osebenzela okuhle siyomunezelela kukona okuhle, ngempela uMvelinqangi ungothethelelayo obongayo.
24. Noma bathi, "uqambela uMvelinqangi amanga ngakho-ke uma uMvelinqangi ethanda uyayisicilela inhliziyo yakho, futhi uMvelinqangi uyawasusa amanga aqinisekise iqiniso ngamazwi akhe, ngempela yena uyisazi salokho okusezifubeni.
25. Futhi nguyena owamukela ukuphenduka ezincekwini zakhe futhi othethelela izenzo ezimbi futhi (uMvelinqangi) uyakwazi lokho enikwenzayo.
26. Futhi uyabaphendula labo abakholwayo futhi abenza izenzo ezilungileyo futhi abanezelele emseni wakhe, futhi abangakholwa okwabo yisijeziso esinzima.
27. Futhi ukube uMvelinqangi wayeselulile isabelo sezinceku zakhe ngempela zazizohlubuka emhlabeni, kepha usehlisa ngendlela athanda ngayo ngempela yena ngezinceku zakhe uyazi uyabona.
28. Futhi nguyena owehlisela phansi imvula emuva kokuba bephelelwe yithemba futhi awusabalalise umusa wakhe futhi yena ungumvikeli ofanele ukudunyiswa.
29. Futhi ezinye zezimpawu zakhe yindalo yamazulu nomhlaba kanye nakho konke akusakaza kukona kokubili (amazulu nomhlaba) okuyizidalwa ezinyakazayo futhi yena unawo amandla okubaqoqela ndawonye uma ethanda.
30. Futhi noma ngabe yiliphi ishwa elinivelelayo kungenxa yalokho izandla zenu ezikusebenzele futhi (uMvelinqangi) uyathethelela kakhulu.
31. Futhi nina aniyibona abaphunyukayo emhlabeni futhi aninaye umvikeli nomelekeleli ngaphandle kukaMvelinqangi.

32. Futhi ezimpawini zakhe imikhumbi olwandle, okusengathi yizintaba.
33. Uma ethanda uyawuthulisa umoya, bese (ulwandle) lunganyakazi endaweni yalo yangaphezulu, ngempela kulokho kunezimpawu kulowo nalowo obekezelayo, obongayo.
34. Noma ababhubhise ngenxa yalokho abakusebenzela, futhi uyathethelela kakhulu.
35. Futhi bayazi labo abaphikisanayo ngamavesi ethu (ukuthi) abanayo indawo yokuphephela.
36. Ngakho-ke noma ngabe yini eninikwe yona yinjabulo yempilo yalomhlaba futhi lokho okukuMvelinqangi kungcono futhi kuyahlala kulabo abakholwayo futhi abathembela eNkosini yabo.
37. Kanye nalabo abagwema izono ezinkulu nokukhohlakala futhi okuthi uma bethukuthele bathethelele.
38. Nalabo abaphendulayo eNkosini yabo futhi abenza umthandazo futhi abenza udaba lwabo (lunqunywe) yisigungu phakathi kwabo futhi abasebenzisa kulokho esababela kona.
39. Nalabo okuthi uma behlelwa yingcindezelo baziphindiselele.
40. Futhi umvuzo wokubi okubi okufana nako, ngakho-ke noma ngabe ngubani othethelelayo futhi alungise umvuzo wakhe ukuMvelinqangi, ngempela yena akazithandi izoni.
41. Futhi ngempela noma ngabe ngubani oziphindiselayo emva kokuba ecindezelwe ngakho-ke labo abanayo indlela (yokusolwa).
42. Kuphela indlela (yokusolwa) ikulabo abenza okungenabo ubulungiswa kubantu, futhi abacindezelayo emhlabeni ngokungesilona iqiniso, labo-ke okwabo yisijeziso esibuhlungu.
43. Futhi ngempela noma ngabe ngubani obekezelayo futhi athethelele ngempela lokho kuwukulungisa izindaba.

***Isigaba sesine (4)***

44. Futhi lowo oshiywa nguMvelinqangi ekudukeni, ngakho-ke akanaye umvikeli emva kwakhe futhi uyobona izoni okuyothi uma sezibona isijeziso zithi, "ngakube ikhona yini indlela yokuphindela?"

45. Futhi uyobona belethwa ngaphambili kwaso bethotshiswe yinjabhiso bebheka ngokujeqeza okufifiyelayo, futhi labo abakholwayo bayothi, "ngempela abalahlekelwe yilabo abalahlekelwa yimiphefumulo yabo kanye nemindeni yabo ngosuku lokuvuka kwabafileyo, bheka ngempela izoni zisesijezisweni esingapheliyo."

46. Futhi angeke babenabo abavikeli abayobalekelela ngaphandle kukaMvelinqangi futhi noma ngabe ngubani uMvelinqangi amshiya ekudukeni akanayo indlela.

47. Phendulani iNkosi yenu ngaphambi kokuba kufike usuku olungeke lugwenywe oluvela kuMvelinqangi, angeke nibe nesiphephelo ngalolosuku futhi angeke niphike.

48. Kepha uma befulathela, ngakho-ke asikuthumelanga kubona njengomlondolozi, awukho (umthwalo) ophezulu kwakho ngaphandle kokudlulisela (umyalezo) futhi ngempela uma sizwisa umuntu umusa ovela kuthina uyawuthokozela futhi uma behlelwa okubi ngenxa yalokho izandla zabo ezikulethe ngaphambili, ngakho-ke umuntu akabongi.

49. UngokaMvelinqangi umbuso wamazulu nomhlaba, udala noma ngabe yini ayithandayo, unikeza lowo amthandayo (ingane) yesifazane futhi unikeza lowo amthandayo (ingane) yesilisa.

50. Noma abanike kokubili isilisa nesifazane futhi wenza inyumba noma ngabe ngubani amthandayo ngempela yena ungowaziyo owenza (izinto zonke).

51. Futhi akusikona okomuntu ukuthi uMvelinqangi akhulume naye ngaphandle kwesambulo noma ngemumva kwesembozo

noma athumele isithunywa ukuze sembule ngentando yakhe noma ngabe yini ayithandayo, ngempela yena uphakeme unobuhlakani.

52. Futhi kanjalo sasembula kuwena isambulo ngempoqo yethu, wawungazi ukuthi yini incwadi noma inkolo, kepha sayenza yaba ukukhanya esihola ngako noma ngabe ngubani esimthandayo ezincekwini zethu futhi ngempela wena uholela endleleni eqondile.

53. Indlela kaMvelinqangi okunguyena okungokwakhe konke okusemazulwini nakho konke okusemhlabeni, ngempela ikuMvelinqangi lapho izindaba ziyoya khona ekugcineni.

# (43)
# Al-Zukhruf– ukuhlobisa

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ha Meem
2. Ngencwadi ecacile.
3. Ngempela siyenze yaba iQur'an engesi-Arabhu ukuze niqonde.
4. Futhi ngempela yona ikumama wencwadi okuthina ophakeme onobuhlakani.
5. Ngakube sizosusa isikhumbuzo kunina ngoba ningabantu abamoshayo?
6. Futhi bangaki abaphrofethi esabathumela emandulo?
7. Futhi kwakungakaze kufike kubona umphrofethi ngaphandle kokuthi babemenza inhlekisa.
8. Ngakho-ke sababhubhisa labo ababeqatha kunabo ngamandla futhi sesadlula isibonelo sabasendulo.
9. Futhi uma ubabuza ukuthi ngubani owadala amazulu nomhlaba ngempela bangathi, "owawadala ophakeme ngamandla owaziyo".
10. Okunguyena owanenzela umhlaba waba yindawo yokuphumula futhi wanenzela kuwona izindlela ukuze niholeke.
11. Futhi okunguyena owehlisela phansi amanzi avela esibhakabhakeni ngesilinganiso wayesevusa ngawo izwe elifile, niyovuswa kanjalo.
12. Futhi okunguyena owadala zonke izinto ngambili futhi wanenzela imikhumbi kanye nezinkomo lezo enizigibelayo.
13. Ukuze nigibele emihlane yazo bese nikhumbula umusa weNkosi yenu uma senigibele phezulu kwazo bese nithi,

"udumo malube kulowo osenzele lokhu futhi thina besingeke sibenako".

14. Futhi ngempela eNkosini yethu siyophindela.
15. Futhi bambekela ingxenye ezincekwini zakhe, ngempela umuntu akabongi ngokucacile.

***Isigaba sesibili (2)***

16. Noma ngakube wazithathela kulokho akudalayo amadodakazi wayesenikhethela amadodana na?
17. Futhi uma oyedwa wabo etshelwa ngezindaba zalokho akwenzile okuyisibonelo konomusa, ubuso bakhe bubamnyama futhi agcwale usizi.
18. Lowo okhuliswe ngemihlobiso kulapho yena esempikiswaneni engacacile.
19. Futhi benza izingelosi isifazane lezo okuyizona eziyizinceku zonomusa, ngakube bakubona ukudalwa kwazo na?.
20. Futhi bathi, "ukube wayethanda onomusa sasingeke sibakhonze", abanalo ulwazi lwaloko (abenzi) lutho ngaphandle kokuqamba amanga.
21. Noma sabanikeza incwadi ngaphambilini kwayo bona ababambelele kuyona.
22. Kepha bathi, "ngempela thina safumana obaba bethu besendleleni futhi ngempela thina siholeleka ezinyathelweni zabo".
23. Futhi kanjalo asizange ngaphambilini kwakho sithumele edolobheni (ebantwini) umxwayisi ngaphandle kokuthi abanothile balo bathi, "ngempela thina safumana obaba bethu besendleleni futhi ngempela nathi silandela ezinyathelweni zabo".
24. Wathi "yize noma nginilethele ukuholwa okungcono kunalokho enabafumana kukona obaba benu? Bathi, "ngempela thina asikholelwa kulokho othunywe nako".

25. Ngakho-ke saziphindisela kubona, bheka ukuthi sasinjani isiphetho sabaphikayo.

***Isigaba sesithathu (3)***

26. Futhi khumbula ngenkathi u-Abrahamu ethi kuyise nakubantu bakubo, "Angihlangene nalokho enikukhonzayo,
27. Ngaphandle kwalowo owangidala futhi ngempela uzongihola
28. Futhi wakwenza kwaba yigama eliseleyo ezizukulwaneni ukuze ziphenduke.
29. Kepha, ngabanika injabulo laba kanye naboyise kwaze kwaba yilapho befikelwa yiqiniso kanye nesithunywa esicacile.
30. Futhi kwathi lapho sebefikelwa yiqiniso bathi, "leli yilumbo futhi ngempela thina asikholelwa kulona".
31. Futhi bathi, "kungani ingembulwanga leQur'an emadodeni amakhulu amadolobha amakhulu.
32. Ngakube bona bayawuhlukanisa umusa weNkosi yakho, yithina esehlukanisayo phakathi kwabo ekuphileni kwabo empilweni yakulomhlaba futhi sabaphakamisa abanye babo ngaphezulu kwabanye ngamazinga ukuze abanye babo basebenzele abanye futhi umusa weNkosi yakho ungcono kunalokho abakuqoqela ndawonye.
33. Futhi ukube abantu babengesisona isizwe esisodwa, ngempela sasizobenzela labo abangakholwa konomusa uphahla lwesiliva ezindlini zabo kanye nezitebhisi abanyuka ngazo.
34. Futhi okwezindlu zabo yiminyango kanye nemibhede abaphumula phezulu kwayo.
35. Nomhlobiso wegolide, futhi konke lokho kuyinjabulo yempilo yalomhlaba futhi impilo ezayo eNkosini yakho ngeyabagwema okubi.

## *Isigaba sesine (4)*

36. Futhi noma ngabe ngubani ofulathela isikhumbuzo sonomusa simvulela usathane ukuthi abe ngumngane wakhe.
37. Futhi ngempela bona (osathane) bayabavimbela endleleni futhi bacabanga ukuthi bona bangabaholiwe.
38. Kuze kube yilapho efika kuthina athi, "ukube nje phakathi kwami nawe bekunebanga lezimpumalanga ezimbili, ububi umngane omubi.
39. Futhi angeke kunisize namhlanje njengoba nenza okungenabo ubulungiswa ukuthi nina niyahlukaniselana esijezisweni.
40. Ngakube wena ungazenza yini izithuli ukuthi zizwe noma uhole izimpumputhe kanye noma ngabe ngubani osekudukeni okucacile.
41. Noma ngabe siyakuthatha, ngempela thina siyoziphindisela kubona.
42. Noma sikukhombise lokho esabakhombisa kona, ngakho-ke ngempela sinamandla phezulu kwabo.
43. Ngakho-ke bambelela kulokho okwambuliwe kuwena, ngempela wena usendleleni eqondile.
44. Futhi ngempela yona iyisikhumbuzo kuwena nakubantu bakho futhi niyobuzwa.
45. Futhi buza noma ngabe ngobani esabathumela ngaphambilini kwakho abayizithunywa zethu, ngakube ngaphandle konomusa sibenzele yini izithixo ukuba bazikhonze?

## *Isigaba sesihlanu (5)*

46. Futhi ngempela samuthumela uMose namavesi ethu kuFaro kanye nakubabusi bakhe, ngakho-ke wathi, "ngempela mina ngiyisithunywa seNkosi yemihlaba".
47. Kepha kwathi lapho esefika kubona nezimpawu zethu kwaba yilapho bezihleka.

48. Futhi asizange sibakhombise uphawu ngaphandle kokuba lubelukhulu kunolukanye nalo, futhi sabathatha ngesijeziso ukuze mhlawumbe babuye.
49. Futhi bathi, "Oh mlumbi! Sibizele iNkosi yakho ngalokho eyenza isethembiso ngako nawe, ngempela thina sizokuba ngabaholiwe".
50. Ngakho-ke kwathi lapho sesisisusile kubona isijeziso kwaba yilapho bona besephula (isethembiso).
51. Futhi uFaro wamemeza phakathi kwabantu bakhe wathi "O Bantu bami! Abusibona yini na obami ubukhosi base-Gibhithe? Kanye nalemifula egeleza ngaphansi kwami, ngakube aniboni yini?
52. Ngakube angingcono yini kunalowo odelelekile (uMose) futhi akakwazi ukukhuluma ngokucacile.
53. Ngakho-ke kungani engabekwanga phezulu kwakhe amasongo egolide noma izingelosi zize kanye naye.
54. Ngakho-ke uFaro wabakhohlisa abantu bakhe base beyamhlonipha, ngempela bona babengabantu abephula umthetho.
55. Ngakho-ke kwathi lapho besithukuthelisa saziphindisela kubona sabaminzisa bonke.
56. Futhi sabenza asebedlulile kanye nesibonelo kwabeza ngemumva.

## *Isigaba sesithupha (6)*

57. Futhi kwathi lapho indodana kaMariya yenziwa njengesibonelo kwaba yilapho abantu bakho bebanga umsindo ngayo (ngayo).
58. Futhi bathi, "ngakube onkulunkulu bethu abangcono noma uyena" abakwenzi lokho njengesibonelo ngaphandle kwempikiswano, kepha bona bangabantu abathanda ukuxabana.

59. Akayilutho ngaphandle kokuba yinceku esabeka umusa phezulu kwayo futhi samenza wabayisibonelo ebantwini bakwa-Israyeli.
60. Futhi ukube sasithanda sasizokwenza izingelosi phakathi kwenu emhlabeni zibe ngezilandelayo.
61. Futhi ngempela yena uwuphawu lwehora ngakho-ke ungangabazi ngalo futhi landelani mina, lena yindlela eqondile.
62. Futhi usathane anganivimbeli, ngempela yena uyisitha senu esigqamile.
63. Futhi khumbula ngenkathi uJesu efika namavesi acacile wathi, "ngize kunina nobuhlakani nokuthi nginicacisele okunye kwalokho eniphikisana kukona ngakho-ke yesabani uMvelinqangi futhi ningihloniphe.
64. Ngempela uMvelinqangi yena uyiNkosi yami neNkosi yenu ngakho-ke mkhonzeni, lena yindlela eqondile.
65. Kepha amaqembu phakathi kwabo ayephikisana, Oh usizi! Kulabo ababenza okungenabo ubulungiswa, esijezisweni sosuku lokugcina.
66. Ngakube balindele ngaphandle kwehora ukuthi lifike kubona masinyane kulapho bona bengaboni?
67. Abangane ngalolosuku abanye babo bayokuba yizitha zabanye ngaphandle kwabagwema ukubi.

***Isigaba sesikhombisa (7)***

68. Oh zinceku zami! Alukho uvalo kunina namhlanje futhi nina angeke nibe wusizi.
69. Labo abakholwayo emavesini ethu futhi abazithoba ngaphansi kwentando kaMvelinqangi.
70. Ngenani esivandeni nina namakhosikazi enu nithokoze.
71. Kuzungeleziswe kubona izingqoko (amathileyi) egolide nezinkomishi futhi phakathi kuzona kunalokho okufiswa

yimiphefumulo nokuthokozisa amehlo futhi nina lapho phakathi niyohlala ingunaphakade.

72. Lesi yisivande enenziwe ukuthi nisidle njengefa ngenxa yalokho enanikwenza.
73. Okwethu lapho phakathi yizithelo eziningi enidla kuzona.
74. Ngempela izoni zisesijezisweni sesihogo ingunaphakade.
75. Angeke bancishiselwe sona (isijeziso) futhi bona lapho phakathi bayophelelwa yithemba.
76. Futhi asizange senze okungenabo ubulungiswa kubona kepha, bona babengabenzi bokungenabo ubulungiswa.
77. Futhi bayokhala, "Oh malik! yenza ukuthi iNkosi yakho isiqedele (isibulale) lokhu uyothi (umalik) ngempela nina nizohlala (lapha).
78. Ngempela sinifikele neqiniso kepha iningi lenu liyalizonda iqiniso
79. Noma ngakube balenzile yini icebo odabeni? Kepha yithina abenzi bamacebo.
80. Noma bacabanga ukuthi asizizwa yini izimfihlo zabo nezingxoxo zabo zangasese, yebo! Futhi izithunywa zethu zikanye nabo ziyabhala.
81. Ithi uma kungukuthi onomusa unendodana ngakho-ke ngingowokuqala wezikhonzi.
82. Mayidunyiswe iNkosi yamazulu nomhlaba iNkosi yesihlalo sobukhosi, ngaphezulu kwalokho abakuchazayo.
83. Ngakho-ke bayeke bakhulume futhi badlale kuze kube bayahlangana ngosuku lwabo lolo abathenjiswa lona.
84. Futhi yena uyilowo Mvelinqangi emazulwini futhi onguMvelinqangi emhlabeni futhi yena unobuhlakani uyisazi.
85. Futhi ugcwele izibusiso lowo okungowakhe umbuso wamazulu nomhlaba nakho konke okuphakathi kwako kokubili futhi lukuyena ulwazi lwehora futhi niyobuyiselwa kuyena.

86. Futhi labo abababizayo esikhundleni sakhe abanako ukuncengela ngaphandle kwalabo abafakazela iqiniso futhi bona bazi.
87. Futhi uma ubabuza ukuthi ngubani owabadala, ngempela bazothi "nguMvelinqangi" baphendukiselwa kanjani emumva?
88. Futhi ukusho kwakhe, Oh Nkosi yami! Ngempela laba ngabantu abangakholwa.

# (44)
# Ad-Dukhan – Intuthu

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ha Meem
2. Ngencwadi ecacile.
3. Ngempela sayithumela phansi ebusuku obubusisiwe, ngempela thina sasingabaxwayisi.
4. Kubona (ubusuku) kunqunywe zonke izindaba ezonobuhlakani.
5. Udaba oluvela kuthina, ngempela thina sasingabathumeli.
6. Umusa ovela eNkosini yakho, ngempela yona ingezwayo eyaziyo.
7. INkosi yamazulu nomhlaba kanye nakho konke okuphakathi kwako kokubili ukube nina beniqinisekile.
8. Akukho okunokukhonzwa ngaphandle kwakhe (uMvelinqangi) uyaphilisa futhi uyabulala, iNkosi yenu neNkosi yobaba benu basendulo.
9. Kepha bona basekungabazeni, bayazidlalela nje.
10. Ngakho-ke lindela usuku lapho isibhababhaka siyoletha intuthu egqamile.
11. Imboza abantu, lesi yisijeziso esibuhlungu.
12. Nkosi yethu sisuse kuthina isijeziso, ngempela singabakholwayo.
13. Bangaba kanjani nesikhumbuzo kulapho sezafika kubona izithunywa ezicacile.
14. Babe sebeyasifulathela (isithunywa) futhi bathi, "sifundisiwe futhi siyahlanya".
15. Ngempela siyasisusa isijeziso kancane ngempela nina niyaphindela (ekoneni).

16. Ngosuku lapho siyobashaya ngokushaya okukhulu, ngempela thina singabaziphindiselayo.
17. Futhi ngempela sabalinga ngaphambilini kwabo abantu baFaro, futhi safika kubona isithunywa esihloniphekile.
18. (UMose wathi), "zikhulule zize kimina izinceku zikaMvelinqangi, ngempela mina ngiyisithunywa esihloniphekile kunina".
19. Futhi ningaziphakamisi ngokuphambene noMvelinqangi, ngempela mina ngize kunina negunya elicacile.
20. Futhi ngempela ngifune isiphephelo eNkosini yami neNkosi yenu hleze ningikhande ngamatshe.
21. Kepha uma ningangikholwa, ngakho-ke qhelelanani nami.
22. (UMose) wabe esebiza iNkosi yakhe ukuthi laba bangabantu abayizoni.
23. Ngakho-ke hamba nezinceku zami ebusuku ngempela nina nizolandelwa.
24. Futhi ushiye ulwandle lucwebile ngempela bona bayimpi ezominza.
25. Zingaki izivande nemithombo abayishiya ngemumva.
26. Kanye namasimu nezindawo ezinhle.
27. Nobuntofontofo (bempilo) ababethokoza kubona.
28. Kanjalo sabenza abanye abantu babayizindlalifa zawo (umhlaba).
29. Ngakho-ke izulu nomhlaba akuzange kubakhalele futhi abazange baphunyuzwe (abantu baFaro).

***Isigaba sesibili (2)***

30. Futhi ngempela sabasindisa abantwana bakwa-Israyeli esijezisweni esidumazayo.
31. KuFaro, ngempela yena wayephakeme phakathi kwabakhonza izithombe.
32. Futhi ngempela sabakhetha ngolwazi ngaphezulu kwemihlaba.

33. Futhi sabanika ezimpawini okunokulingwa okucacile kuzona.
34. Ngempela laba bathi.
35. Akuyilutho lokho ngaphandle kokufa kwethu kokuqala futhi thina angeke sivuswe kwabafileyo.
36. Ngakho-ke lethani obaba bethu uma kungukuthi nina ningabaqinisileyo.
37. Ngakube bona bangcono noma abantu baseTubba kanye nalabo ababengaphambilini kwabo na? Sababhubhisa ngempela bona babeyizoni.
38. Futhi asizange siwadale amazulu nomhlaba kanye nakho konke okuphakathi kwako kokubili ngokudlala.
39. Asizange sikudale kokubili (amazulu nomhlaba) ngaphandle kweqiniso kepha iningi labo alazi.
40. Ngempela usuku lokwahlulela yisikhathi esinqunyelwe bona bonke.
41. Usuku lapho umngane engeke amsize ngalutho umngane futhi bona angeke balekelelwe.
42. Ngaphandle kwalabo uMvelinqangi anomusa kubona, ngempela yena ungophakeme ngamandla onesihawu.

***Isigaba sesithathu (3)***

43. Ngempela isihlahla sezaqum.
44. Ukudla kwezoni.
45. Njengamafutha abilayo, abila eziswini.
46. Njengokugxabha kwamanzi abilayo.
47. Mthatheni bese nimdonsela maphakathi nesihogo.
48. Bese nithela phezulu kwekhanda lakhe isijeziso samanzi abilayo.
49. Yizwa, ngempela wena wawuphakeme ngamandla uhloniphekile.
50. Ngempela lokhu yilokho nina enanikungabaza.
51. Ngempela abalungileyo bayokuba sendaweni ephephile.

52. Ezivandeni nasemithonjeni.
53. Begqoke usilika nokuhlotshiswe ngokugqamile bebhekene.
54. Kanjalo siyobashadisa namakhosikazi amahle anamehlo amahle amakhulu.
55. Lapho phakathi bayobiza zonke (izinhlobo) zezithelo ngokuthula bephephile.
56. Lapho phakathi angeke bakuzwe ukufa ngaphandle kokufa kokuqala futhi uyobasindisa esijezisweni somlilo ovuthayo.
57. Ngumusa ovela eNkosini yakho, lokho ukuphumelela okukhulu.
58. Ngempela sakwenza kwabalula olimini lwakho ukuze bakhumbule.
59. Ngakho-ke linda ngempela bona bangabalindileyo.

# (45)
# Jathiya – ukuguqa

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ha Meem
2. Isambulo sencwadi sivela kuMvelinqangi ophakeme ngamandla onobuhlakani.
3. Ngempela emazulwini nasemhlabeni kunezimpawu kwababakholwayo.
4. Futhi ekudalweni kwenu nakho konke nakusakazayo (emhlabeni) okuyizidalwa ezinyakazayo kuyizimpawu kubantu abaqinisekile (enkolweni).
5. Futhi ukuphambana kobusuku nemini kanye nalokho okwehliselwa phansi nguMvelinqangi okuvela esibhakabhakeni okuyisabelo (imvula) bese ephilisa ngayo umhlaba emva kokufa kwawo nokushintsha kwemimoya kuyizimpawu kubantu abanomqondo.
6. Lawa ngamavesi kaMvelinqangi siwafundela wena ngeqiniso ngakho-ke iyiphi inkulumo abayokholwa yiyo emva kukaMvelinqangi nezimpawu namavesi akhe?
7. Usizi kulowo nalowo mqambimanga oyisoni.
8. Owezwayo amavesi kaMvelinqangi efundelwa wona bese eqhubeka nokuziqhenya, kube sengathi akawezwa, ngakho-ke mtshene ngesijeziso esibuhlungu.
9. Futhi uma esekufundile okuthize emavesini ethu ukuthatha njengenhlekisa labo-ke okwabo yisijeziso esijabhisayo.
10. Ngaphambili kwabo kunesihogo futhi angeke kubasize ngalutho lokho ababekusebenzela ngisho nalokho abakuthatha njengabavikeli esikhundleni sikaMvelinqangi futhi okwabo yisijeziso esikhulu.

11. Lokhu ukuholwa, futhi labo abangakholelwa emavesini eNkosi yabo okwabo yisijeziso esibuhlungu seRijz.

***Isigaba sesibili (2)***

12. NguMvelinqangi owanenzela ulwandle lwanithobela ukuze imikhumbi ihambe kulona ngempoqo yakhe futhi ukuze nifune ububele bakhe futhi ukuze nibonge.
13. Futhi wanenzela yanithobela noma ngabe yini esemazulwini kanye nakho konke okusemhlabeni, kuvela kuyena, ngempela kulokho kunezimpawu kubantu abacabangayo.
14. Ithi kulabo abakholwayo abathethelele labo abangazethembi izinsuku zikaMvelinqangi ukuze anike umvuzo abantu ngenxa yalokho ababekusebenzela.
15. Noma ngabe ngubani owenza izenzo ezinhle kungokwakhe uqobo futhi noma ngabe ngubani owenza okubi ngakho-ke kuphambene naye bese nibuyiselwa eNkosini yenu.
16. Futhi ngempela sabanikeza abantwana bakwa-Israyeli incwadi nesehlulelo nobuphrofethi futhi sababela ezintweni ezinhle futhi sabakhetha ngaphezulu kwemihlaba.
17. Futhi sabanikeza ubufakazi obucacile odabeni, ngakho-ke abazange baphikisane kwaze kwaba yingemumva kokuba sebefikelwe ulwazi ngenxa yomona phakathi kwabo, ngempela iNkosi yakho iyokwehlulela phakathi kwabo ngosuku lokuvuka kwabafileyo kulokho ababephikisana kukona.
18. Sabe sesikwenza ukuthi ube sendleleni esemthethweni empoqweni, ngakho-ke yilandele, ungalandeli izifiso zalabo abangazi.
19. Ngempela bona abasoze bakusize ngalutho maqondana noMvelinqangi futhi ngempela izoni ezinye zazo zingabangane zezinye, kepha uMvelinqangi ungumvikeli wabalungileyo.
20. Lokhu kuwukubona okucacile kubantu nokuholeleka (endleleni elungileyo) kanye nomusa kubantu abaqinisekile (enkolweni).

21. Noma ngakube labo abenza izenzo ezimbi bacabanga ukuthi siyobenza njengalabo abakholwayo futhi abenze okuhle okulungileyo? Iyalingana impilo yabo kanye nokufa kwabo, okubi yilokho abakwehlulelayo.

***Isigaba sesithathu (3)***

22. Futhi uMvelinqangi wadala amazulu nomhlaba ngeqiniso futhi ukuze anike umvuzo yonke imiphefumulo ngenxa yalokho eyakusebenzela, futhi bona angeke benziwe okungenabo ubulungiswa.
23. Ngakube umbonile yini lowo othathe njengonkulunkulu wakhe ukufisa kwakhe? Futhi uMvelinqangi umshiye ekudukeni ngenxa yolwazi futhi wasicilela ukuzwa kwakhe nenhliziyo yakhe futhi wabeka isembozo ekuboneni kwakhe, ngakho-ke ngubani ongamhola emva kukaMvelinqangi? Ngakube anikhumbuli yini na?
24. Futhi bathi, "akuyilutho ngaphandle kwempilo yethu yasemhlabeni, siyafa futhi siyaphila futhi akukho okungasibhubhisa ngaphandle kwesikhathi" futhi abanalo ulwazi ngalokho, kuphela bayazicabangela nje.
25. Futhi uma befundelwa amavesi ethu acacile, kuphela ukuphika kwabo ukuthi bathi, "lethani obaba bethu uma kungukuthi nina niqinisile".
26. Yithi, "uMvelinqangi uyaniphilisa bese enenza ukuthi nife bese eniqoqela ndawonye ngosuku lokuvuka kwabafileyo okungekho ukungabaza kulona, kepha iningi labantu alazi".

***Isigaba sesine (4)***

27. Futhi ungokaMvelinqangi umbuso wamazulu nomhlaba futhi ngosuku lokufika kwehora, ngalolosuku bayolahlekelwa abalandeli bamanga.

28. Futhi uyozibona zonke izizwe ziguqe phansi, zonke izizwe ziyobizelwa kokubhalwe encwadini yazo, ngalolusuku nizonikwa umvuzo ngalokho enanikwenza.
29. Lena yincwadi yethu ekhuluma nani ngeqiniso, ngempela thina sasikubhala lokho enanikwenza.
30. Ngakho-ke labo abakholwayo futhi abenza okuhle okulungileyo iNkosi yabo iyobangenisa emseni wayo, lokho ukuphumelela okucacile.
31. Kepha labo abangakholwanga ngakube akazange yini amavesi ami afundelwe nina? Nabe seniyazikhukhumeza futhi ningabantu abayizoni.
32. Futhi uma kuthiwa ngempela isethembiso sikaMvelinqangi siyiqiniso nehora akukho ukungabaza kulona nathi "asazi ukuthi yini ihora, sicabanga umcabango nje futhi thina asenelisekile (ngalo).
33. Futhi buyovela kubona ububi baloko ababekwenza futhi kuyobazungeleza lokho ababenza ngako inhlekisa.
34. Futhi kuyothiwa, "ngalolusuku sizonikhohlwa njengoba nakhohlwa ukuhlangana ngalolusuku lwenu".
35. Lokho kungenxa yokuthi nina nanithatha amavesi kaMvelinqangi njengenhlekisa futhi yanikhohlisa impilo yalomhlaba ngakho-ke ngalolusuku angeke bakhishwe kusona (isihogo) futhi bona angeke bemukelwe emseni kaMvelinqangi.
36. Ngakho-ke udumo ngolukaMvelinqangi iNkosi yamazulu neNkosi yezwe iNkosi yemihlaba.
37. Futhi ngobakhe ubukhosi emazulwini nasemhlabeni futhi yena uphakeme ngamandla unobuhlakani.

INGXENYE 26

# (46)
# Al-Ahqaf – Amagquma ezihlabathi

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ha Meem
2. Isambulo sencwadi sivela kuMvelinqangi ophakeme ngamandla onobuhlakani.
3. Asizange siwadale amazulu nomhlaba kanye nakho konke okuphakathi kwako kokubili ngaphandle kweqiniso nesikhathi esinqunyiwe futhi labo abangakholwanga lokho abaxwayiswe ngako bayakufulathela.
4. Ithi, "ngakube nikubonile yini lokho enikukhonzayo esikhundleni sikaMvelinqangi, ngikhombiseni ukuthi badalani emhlabeni noma ngakube banayo yini ingxenye emazulwini? Ngiletheleni incwadi yangaphambilini kwalena noma insalela yolwazi uma kungukuthi nina ningabaqinisileyo".
5. Futhi ngubani oduke kakhulu kunalowo omemeza esikhundleni sikaMvelinqangi labo abangamphenduli kuze kube wusuku lokuvuka kwabafileyo futhi bona bengakunakile ukubizwa kwabo.
6. Futhi ngenkathi abantu beqoqelwa ndawonye bayokuba yizitha kubona futhi bayokuphika ukubakhonza kwabo.
7. Futhi ngenkathi befundelwa amavesi ethu acacile, labo abangazange bakholwe bathi, "ngeqiniso ngenkathi lifika kubona, lona ngumlingo ocacile".
8. Noma bathi, "uyenzile (iQur'an)" ithi, "uma ngiyenzile ngakhoke angeke ningizuzele lutho kuMvelinqangi ungowaziyo kangcono ngalokho enikushoyo ngayo, wanele njengofakazi phakathi kwami nani futhi yena ungothethelelayo onomusa".

9. Ithi, "angisiyena owokuqala ezithunyweni futhi angazi ukuthi kuyokwenziwani ngami nangani, angilandeli lutho ngaphandle kwalokho okwembulwe kumina futhi mina angiyilutho ngaphandle komxwayisi ogqamile".
10. Ithi, "ngakube nibonile ukuthi uma ivela kuMvelinqangi nabe seniyayiphika (iQur'an) futhi wafakaza ufakazi ophuma phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli (ngencwadi) efana nayo bese eyakholwa kulapho niqhosha, ngempela uMvelinqangi akabaholi abantu abayizoni".

***Isigaba sesibili (2)***

11. Futhi labo abangakholwanga bathi kulabo abakholwayo ukube wawungcono umyalezo babengeke basidlule bawuthole kuqala kunathi futhi ngenkathi bengaholelekile ngawo bathi, "lawa ngamanga asemandulo".
12. Futhi ngaphambilini kwayo kwakunencwadi kaMose, ukuhola nomusa futhi lena yincwadi eqinisekisa ngolimi lwesi-Arabhu ukuze ixwayise labo abenza okungenabo ubulungiswa.
13. Ngempela labo abathi iNkosi yethu nguMvelinqangi bese bebambelela (kuloko) angeke kubekhona ukwesaba kubona futhi bona angeke baphatheke kabi.
14. Labo-ke bangabangane basezulwini bayohlala lapho phakathi ingunaphakade njengomvuzo ngenxa yalokho ababekwenza.
15. Futhi samyala umuntu ngokwenza okuhle kubazali bakhe, unina wamkhulelwa kanzima futhi wamzala kanzima, futhi ukumkhulelwa kanye nokumlumula kwakhe (ukumsusa ebeleni) kuyizinyanga ezingamashumi amathathu kuze kube uyakhula afinyelele eminyakeni engamashumi amane athi, " Nkosi yami ngenze ukuthi ngiwubonge umusa wakho lowo owubeke phezulu kwami kanye nakubazali bami nokuthi ngenze izenzo ezinhle ezilungileyo ozithokozelayo futhi ungenzele ukulunga enzalweni yami, ngempela mina

ngiphendukele kuwena ngokuzisola futhi ngempela mina ngingomunye wamaMuslim.

16. Labo-ke bayilabo esikwemukelayo kubona okuhle kakhulu lokho abakwenzayo futhi sizidlulise izenzo zabo ezimbi phakathi kwezihlali zezulu, isethembiso esiyiqiniso leso ababesethenjisiwe.

17. Futhi lowo othi kubazali bakhe, "uff kunina nobabili", ngakube niyangethembisa ukuthi ngiyokhishwa (ngiyovuswa emhlabeni) kulapho sezadlula izizukulwane ngaphambilini kwami, futhi bona bobabili bacela usizo kuMvelinqangi, usizi kuwena! Kholwa ngempela isethembiso sikaMvelinqangi siyiqiniso kepha uthi, "lokhu akuyilutho ngaphandle kwezinganekwane zasendulo".

18. Labo-ke bayilabo elaqiniseka kubona igama, ezizukulwaneni esezadlula ngaphambilini kwabo zamajinn nabantu, ngempela bona babengabalahlekelwe.

19. Futhi kubona bonke kunamazinga (ahlukehlukene) ngokuhambelana nalokho ababekwenza, futhi ukuze abakhokhele ngezenzo zabo futhi bona angeke benziwe okungenabo ubulungiswa.

20. Futhi ngosuku lapho labo abangazange bakholwe belethwa emlilweni, "nina nazithola izinto zenu ezinhle empilweni yenu yalomhlaba nazithokozisa ngazo ngakho-ke ngalolusuku ninikwa umvuzo wesijeziso esijabhisayo ngenxa yokuthi nina naniziphakamisa emhlabeni ngokungesilona iqiniso nangenxa yokuthi nina nanephula umthetho.

***<u>Isigaba sesithathu (3)</u>***

21. Futhi khumbula ngenkathi umfowabo ka'Ad exwayisa abantu bakhe emagqumeni ezihlabathi, futhi ngempela sebadlula abaxwayisi ngaphambilini kwakhe nangemumva kwakhe,

ningakhonzi lutho ngaphandle kukaMvelinqangi, ngempela mina nginesabela isijeziso sosuku olukhulu.

22. Bathi, "ngakube uze kuthina ukuze usididise konkulunkulu bethu na? Ngakho-ke silethele lokho osithembisa kona uma kungukuthi wena ungomunye wabaqinisile".
23. Wathi, "kuphela ulwazi lukuMvelinqangi futhi nginitshena lokho engithunywe nako kepha mina nginibona ningabantu abangazi".
24. Ngakho-ke kwathi lapho sebekubona njengefu elihlangene kusondela ngasezigodini zabo bathi, "leli yifu elisilethela imvula", kepha kona kuyilokho enanikusheshisa, umoya ekunesijeziso esibuhlungu kuwona.
25. Ubhubhisa zonke izinto ngempoqo yeNkosi yawo, ngakho-ke kwangabonakali (lutho) ngaphandle kwezindawo zabo zokuhlala, sibanika kanjalo umvuzo abantu abayizoni.
26. Futhi ngempela sabakha ngendlela esingazange sinakhe ngayo futhi sabenzela ukuzwa (amadlebe) nokubona (amehlo) nezinhliziyo kepha akuzange kubasize ngalutho ukuzwa kwabo nokubona kwabo nezinhliziyo zabo njengoba babephika amavesi kaMvelinqangi futhi kwabazungeleza lokho ababenza ngakho inhlekisa.

***<u>Isigaba sesine (4)</u>***

27. Futhi ngempela sakubhubhisa lokho okunizungelezile okungamadolobha futhi sawaphindaphinda amavesi ukuze babuye.
28. Ngakho-ke kungani bengabasizanga labo ababebathatha esikhundleni sikaMvelinqangi njengonkulunkulu ukuthi babasondeze, kepha banyamalala kubona, futhi lokho kungamanga nakho konke lokho ababekuqamba.
29. Futhi khumbula ngenkathi sibhekisa kuwena idlanzana lamaJinn lilalela iQur'an, ngakho-ke kwathi lapho (amajinn)

esefika kuyona athi, "lalelisani kahle" kwathi lapho seyiqediwe aphindela emumva kubantu bawo njengabaxwayisi.

30. (Amajinn) athi, "Oh Bantu bethu! Ngempela thina silalele incwadi eyembulwe ngemumva kukaMose igcwalisekisa leyo engaphambilini kwayo, iholela eqinisweni nasendleleni eqondile"

31. Oh Bantu bethu! Phendulani kummemi kaMvelinqangi futhi nikholelwe kuyena uzonithethelela izono zenu bese enisindisa esijezisweni esibuhlungu.

32. Futhi noma ngabe ngubani ongamphenduli ummemi kaMvelinqangi angeke aphunyuke emhlabeni futhi angeke abenabo abavikeli ngaphandle kwakhe, labo basekudukeni okucacile.

33. Ababoni yini ukuthi nguMvelinqangi lowo owadala amazulu nomhlaba futhi ayimsindi indalo yawo, uyakwazi ukuphilisa okufile, yebo! Ngempela yena uyakwazi ukwenza zonke izinto.

34. Futhi ngosuku lapho abangakholwanga beyolethwa emlilweni akusikona yini lokhu iqiniso? Bayothi, "yebo ngeNkosi yethu" athi, "ngakho-ke yizwani isijeziso ngenxa yokuthi anizange nikholwe".

35. Ngakho-ke yiba nesineke njengokuba izithunywa ezazizimisele zaba nesineke futhi ungafuni ukubasheshisela (ukubhubha kwabo) Ngosuku mzukwane bekubona lokho abethenjiswe kona (kuyokuba) sengathi abahlalanga (isikhathi) ngaphandle kwehora losuku. lokhu ukushumayela. Ngakho-ke abekho abayobhujiswa ngaphandle kwabantu abaphula umthetho.

# (47)
# UMuhammad

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Labo abangakholwanga futhi abavimba endleleni kaMvelinqangi uyoyenza ize leze imisebenzi yabo.
2. Futhi labo abakholwayo abenza izenzo ezinhle ezilungileyo futhi abakholelelwa kulokho okwembulwa kuMuhammad futh kona kuyiqiniso elivela eNkosini yabo, iyozisusa kubona izenzo zabo ezimbi bese ilungisa isimo sabo.
3. Lokho kungenxa yokuthi labo abangakholwanga balandela okungesilona iqiniso kepha labo abakholwayo balandela iqiniso elivela eNkosini yabo, kanjalo uMvelinqangi wenzela abantu imifanekiso yabo.
4. Ngakho-ke uma nihlangana (empini) nalabo abangakholwanga bashayeni ezintanyeni zabo kuze kube yilapho nibehlula ngokugcwele, bese niqinisa ubudlelwane, emva kwalokho yisikhathi sesihe noma inhlengo kuze kube impi ibeka phansi umthwalo wayo, lokho ukube ubethanda uMvelinqangi wayezoziphindisela kubona, kepha ukuze avivinye abanye benu ngabanye, kepha labo ababulawa endleleni kaMvelinqangi ngakho-ke akasoze alahle imisebenzi yabo.
5. Uyobahola futhi alungise isimo sabo.
6. Futhi abangenise ezulwini alazise bona.
7. Oh Nina enikholwayo! Uma nimelekelela uMvelinqangi uyonilekelela futhi asimamise izinyawo zenu.
8. Futhi labo abangakholwanga okwabo yimbubhiso futhi uMvelinqangi uyoyilahla imisebenzi yabo.
9. Lokhu kungenxa yokuthi bayakuzonda lokho uMvelinqangi akwembulayo ngakho-ke wazenza zaba yize leze izenzo zabo.

10. Ngakube abazange yini bahambe emhlabeni ukuze babone ukuthi sasinjani isiphetho salabo ababengaphambilini kwabo, uMvelinqangi wababhubhisa nokufana nako (kulinde) kulabo abangakholwa.
11. Lokho kungenxa yokuthi uMvelinqangi ungumvikeli walabo abakholwayo futhi abangakholwa abanaye umvikeli.

***Isigaba sesibili (2)***

12. Ngempela uMvelinqangi ungenisa labo abakholwayo futhi abenza izenzo ezinhle ezilungileyo ezivandeni ekugeleza ngaphansi kwazo amanzi kulapho labo abangazange bakholwe bezithokozisa futhi bedla ngendlela okudla ngayo izinkomo futhi umlilo yindawo yabo yokuhlala.
13. Futhi mangaki amadolobha ayenamandla amakhulu ukwedlula idolobha lakho lelo elakuxosha, sababhubhisa abazange babenaye umelekeleli.
14. Ngakube lowo osebufakazini obucacile obuvela eNkosini yakhe uyefana yini nalowo owenziwele sasihle isenzo sakhe esimbi, futhi balandela izifiso zabo.
15. Incazelo yesivande leso esethenjiswa abalungileyo kusona phakathi kunemifula yamanzi angashintshi ubuwona kanye nemifula yobisi okungashintshi ukunambitheka kwayo kanye nemifula yewayini elimnandi kwabaliphuzayo kanye nemifula yoju olwenziwe kahle futhi okwabo lapho phakathi yizona zonke izinhlobonhlobo zezithelo nentethelelo evela eNkosini yabo, njengalabo abasemlilweni ingunaphakade futhi baphuziswe amanzi abilayo bese enquma amathumbu abo.
16. Futhi phakathi kwabo kunalabo abakulalelayo kuze kuthi lapho uma besuka kuwena bathi kulabo abaphiwa ulwazi, “yini leyo ayishilo” labo bayilabo uMvelinqagi asicilele izinhliziyo zabo futhi abalandela izifiso zabo.

17. Futhi labo abaholeleke (endleleni eqondile) uyabenyusela ekuholweni futhi ubanika ukulunga kwabo.
18. Ngakube balindile ngaphandle kwehora ukuthi lifike kubona masinyane na? Kepha sezafika izimpawu zalo, ngakho-ke kuyokubanjani kubona uma sebefikelwa yisikhumbuzo sabo na?
19. Ngakho-ke yazi ukuthi ayikho into enokukhonzwa ngaphandle kukaMvelinqangi futhi cela intethelelo ngesono sakho nesabesilisa abakholwayo nabesifazane abakholwayo futhi uMvelinqangi uyakwazi ukuhamba kwenu nendawo yenu yokuphumula.

***Isigaba sesithathu (3)***

20. Futhi bathi labo abakholwayo, "kungani singembulwanga isahluko" kepha uma sesambulwa isahluko esinqumayo ekukhuluma ngokulwa kusona.
21. Ukuhlonipha nenkulumo enhle uma udaba selunqunyiwe, ukube babeneqiniso kuMvelinqangi kwakuzokuba ngcono kubona.
22. Ngakho-ke uma niphenduka nenza inkohlakalo emhlabeni futhi ninqamula ubuhlobo benu.
23. Labo-ke bayilabo abaqalekisile uMvelinqangi wabenza babayizithuli futhi wavala ukubona kwabo.
24. Ngakube abacabangi yini ngeQur'an noma ezinhliziyweni zabo kunezihluthulelo?
25. Ngempela labo abaphendukela emumva, ngemva kokuba sekusobala kubona ukuholwa, usathane wabayenga futhi wabagcwalisela ithemba.
26. Lokho kungenxa yokuthi bona bathi kulabo abazonda lokho akwembula uMvelinqangi "siyonihlonipha kwezinye izindaba" futhi uMvelinqangi uyazazi izimfihlo zabo.

27. Kepha kuyobanjani uma izingelosi zibenza ukuthi bafe zibashaya ebusweni babo nasemihlane yabo na?
28. Lokho kungenxa yokuthi bona babelandela lokho okucasula uMvelinqangi futhi bezonda injabulo yakhe, ngakho-ke wenza zaba yize leze izenzo zabo.

***Isigaba sesine (4)***

29. Noma labo abanokugula ezinhliziyweni zabo bacabanga ukuthi angeke uMvelinqangi ayiveze inzondo yabo.
30. Futhi uma sithanda sasizokukhombisa bona ukuze ubazi ngezimpawu zabo, futhi ubazi ngephimbo enkulumweni (yabo) futhi uMvelinqangi uyazazi izenzo zenu.
31. Futhi ngempela sizonilinga kuze kube yilapho sibazi abazabalazayo phakathi kwenu kanye nababekezelayo futhi sivivinye izindaba zenu.
32. Ngempela labo abangakholwanga futhi bevimba endleleni kaMvelinqangi futhi bephikisa isithunywa emva kokuba sekucacile kubona ukuholwa, ayisoze yamlimaza uMvelinqangi into futhi uyokwenza imisebenzi yabo ize leze.
33. Oh Nina enakholwayo! Hloniphani uMvelinqangi futhi nihloniphe isithunywa futhi ningenzi imisebenzi yenu ize leze.
34. Ngempela labo abangakholwanga futhi bevimba endleleni kaMvelinqangi babesebeyafa kulapho bona bengakholwa ngakho-ke akasoze abathethelele uMvelinqangi.
35. Ngakho-ke ungaphatheki kabi bese nimemezela ukuthula kulapho nina ningaphezulu, futhi uMvelinqangi ukanye nani futhi akasoze anephuce imisebenzi yenu.
36. Kuphela impilo yalomhlaba ngumdlalo nesilibaziso futhi uma nikholwa futhi nesaba (uMvelinqangi) uyoninika imivuzo yenu futhi akayiceli ingcebo yenu.

37. Uma enganicela kona enicindezela, benizoncishana futhi ubezoyiveza inzondo yenu (ukungathandi kwenu).
38. Nilapha nina niyilabo enimenyelwe ukuthi nisebenzise endleleni kaMvelinqangi ngakho-ke phakathi kwenu kunalabo abancishanayo futhi noma ngabe ngubani oncishanayo kuphela uncishanela umphefumulo wakhe futhi uMvelinqangi akaswele kepha nina
39. ningabaswele futhi uma niphendukela emumva uzoletha abanye abantu esikhundleni senu bese bengafani njengani.

# (48)
# Al-Fath – ukunqoba

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngempela sakunika ukunqoba okucacile.
2. Ukuze uMvelinqangi akuthethelele lokho okwenzile okuyizono zakho zangaphambilini nezangemumva futhi afeze ububele bakhe kuwena futhi akuholele endleleni elungile.
3. Futhi akusize uMvelinqangi ngosizo olukhulu.
4. Yena uyilowo owehlisela phansi ukuthula ezinhliziyweni zabakholwayo ukuze kunezeleleke ukholo kanye nokukholwa kwabo futhi angawaMvelinqangi amabutho amazulu nomhlaba futhi ngasosonke isikhathi uyazi unobuhlakani.
5. Ukuze afake abesilisa abakholwayo nabesifazane abakholwayo ezivandeni ekugeleza ngaphansi kwazo amifula, bayohlala lapho phakathi ingunaphakade futhi asuse kubona ububi babo futhi lokho kuMvelinqangi kuyimpumelelo enkulu.
6. Futhi ajezise abazenzisi besilisa nabazenzisi besifazane kanye nabesilisa abakhonza izithombe nabesifazane abakhonza izithombe, abacabanga ngoMvelinqangi imicabango emibi phezulu kwabo kunokubi (isijeziso esibi) futhi wabathukuthelela uMvelinqangi futhi wabaqalekisa futhi wabalungiselela isihogo futhi kubi lapho kuyiwa khona.
7. Futhi ngawaMvelinqangi amabutho amazulu nomhlaba futhi uMvelinqangi ngasosonke isikhathi uphakeme ngamandla unobuhlakani.
8. Ngempela thina sakuthumela njengofakazi nomlethi wezindaba ezinhle nanjengomxwayisi.

9. Ukuze nikholwe kuMvelinqangi nesithunywa sakhe nisilekelele futhi nisihloniphe futhi nimdumise (uMvelinqangi) ekuseni nantambama.
10. Ngempela labo abakuthembisayo kuphela bathembisa uMvelinqangi, isandla sikaMvelinqangi singaphezulu kwezandla zabo, ngakho-ke noma ngabe ngubani owephula (isethembiso) kuphela usephulela ukulimala komphefumulo wakhe futhi noma ngabe ngubani ogcwalisekisa lokho akuthembisa uMvelinqangi ngakho-ke uyomnika umvuzo omkhulu.

***Isigaba sesibili (2)***

11. Bayothi kuwena labo abasalela ngemumva abayizihlali zasogwadule "ingcebo yethu kanye nemindeni yethu eyasilibazisa ngakho-ke sicelele intethelelo" basho ngezilimi zabo lokho okungekho ezinhliziyweni zabo ithi, "ngakho-ke ngubani onganizuzela kuMvelinqangi okuthize uma ehlose ukunilimaza noma uma ehlose ngani inzuzo kepha ngasosonke isikhathi uMvelinqangi lokho enikwenzayo ukunakile.
12. Kepha nanicabanga ukuthi isithunywa kanye nabakholwayo abasoze baphindele emindenini yabo futhi kwenziwa kwabukeka kukuhle lokho ezinhliziyweni zenu futhi nacabanga umcabango omubi nabe seniba ngabantu abakhohlakele.
13. Futhi noma ngabe ngubani ongakholwa kuMvelinqangi nesithunywa sakhe ngakho-ke ngempela thina sabalungiselela abangakholwa (umlilo) ovuthayo.
14. Futhi bungobukaMvelinqangi ubukhosi bamazulu nomhlaba, uthethelela lowo amthandayo futhi ajezise lowo amthandayo, futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi ungothethelelayo onesihawu.
15. Bayothi labo abasalela ngemumva uma seniphuma niya ezimpangweni zempi ukuyozithatha, "sivumeleni sinilandele"

bafuna ukuguqula inkulumo kaMvelinqangi ithi, "anisoze nasilandela kanjalo uMvelinqangi washo ngaphambilini" ngakho-ke bayothi, "qhabobo ninomona ngathi" kepha babengaqondi ngaphandle kokuncane.

16. Ithi kwabasalela ngemumva abayizihlali zasogwadule "niyobizelwa abantu abanamandla amakhulu ukuyolwa nabo noma bazinikele ngakho-ke uma nihlonipha uMvelinqangi uyoninika umvuzo omuhle kepha uma nifulathela njengoba nanifulathela ngaphambilini uyonijezisa ngesijeziso esibuhlungu.

17. Akukho ukusolwa noma (icala) empumputheni futhi alikho koxhugayo futhi alikho icala nakogulayo, futhi noma ngabe ngubani ohlonipha uMvelinqangi kanye nesithunywa sakhe uyomfaka ezivandeni ekugeleza ngaphansi kwazo imifula futhi noma ngabe ngubani ophendukela emumva uyomjezisa ngesijeziso esibuhlungu.

18. Ngempela uMvelinqangi wawathokozela amakholwa ngenkathi ekuqinisekisa (ekuthembisa) ngaphansi kwesihlahla futhi wayekwazi lokho okusezinhliziyweni zawo ngakho-ke wayesehlisela phansi ukuthula phezulu kwawo futhi wawanika umvuzo wokunqoba okuseduze.

19. Futhi izimpango zempi abayozithatha ziningi futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi uphakeme ngamandla unobuhlakani.

20. Wanethembisa uMvelinqangi izimpango eziningi eniyozithatha wabe esenisheshisela lokhu, futhi wazibamba izandla zabantu kunina futhi ukuze kube wuphawu kwabakholwayo futhi iniholele endleleni eqondile.

21. Nokunye anikakabi nawo amandla okuba nako, ngempela uMvelinqangi ukusingethe (ukuzungelezile) lokho futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi wenza zonke izinto.

22. Futhi ukube labo abangakholwa balwa nani ngempela babezophendula imihlane (yabo) bese bengamtholi umvikeli noma umlekeleli.

23. Indlela kaMvelinqangi okuyiyona eseyadlula ngaphambilini futhi awusoze wayithola inguquko endleleni kaMvelinqangi.
24. Futhi yena uyilowo owabamba izandla zabo kunina nezandla zenu kubona maphakathi neMakkah emva kokuba enenze naba abanqobi kubona futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi uyakubona lokho enikwenzayo.
25. Bona bayilabo abangakholwa futhi abanivimbelayo eMasjid al-Haraam bavimbela umnikelo ukuthi ufike endaweni yabo, futhi ukube kwakungesingenxa yamadoda akholwayo nabesifazane abakholwayo enaningabazi eningase nibanyathele obekuzonehlela ngabo ukusolwa ngaphandle kolwazi, ukuze uMvelinqangi angenise emseni wakhe lowo amthandayo, ukube babehlukene ngempela sasizobajezisa labo abangakholwanga phakathi kwabo ngesijeziso esibuhlungu.
26. Ngenkathi labo abangakholwanga befaka ezinhliziyweni zabo intshisekelo, intshisekelo yokungazi ngakho-ke uMvelinqangi wehlisela phansi ukuthula kwakhe phezulu kwesithunywa sakhe kanye naphezulu kwabakholwayo futhi wabanqumela igama lobumnene futhi babefanelwe yikona futhi bevumelekile kukona, futhi ngasosonke isikhathi uMvelinqangi uyisazi sazo zonke zinto.

***Isigaba sesithathu (3)***

27. Ngempela uMvelinqangi wasikhombisa isithunywa umbono weqiniso ukuthi ngempela nizongena emasjid al-Haraam, uma uMvelinqangi ethanda, niphephile nigundile emakhanda enu futhi niziphungulile (izinwele zenu) ningesabi ngakho-ke uyakwazi lokho eningakwazi wayesebeka ngaphandle kwalokho ukunqoba okuseduze.
28. Yena (uMvelinqangi) uyilowo owathumela isithunywa sakhe nokuhola nenkolo eyiqiniso ukuze ayenze igqame ngaphezulu kwazo zonke izinkolo futhi wanele uMvelinqangi njengofakazi.

29. UMuhammad yisithunywa sikaMvelinqangi futhi labo abakanye naye banzima kwabangakholwa, banomusa phakathi kwabo, ubabona bekhothama beguqa befuna umusa ovela kuMvelinqangi nentokozo izimpawu zabo zisebusweni babo ngenxa yokuguqa bewa ngeziphongo lokho kuwukuchazwa kwabo kwiTorah nokuchazwa kwabo kwi-Injil (ivangeli) njengesithombo esiveza okumilayo kwaso bese siyakuqinisa kube kukhulu bese kuyama ngesiqu sako kusimame kuthokozise abatshali ukuze abathukuthelise abangakholwayo, uMvelinqangi wabathembisa labo abakholwayo futhi abenza okuhle okulungileyo phakathi kwabo intethelelo nomvuzo omkhulu.

# (49)
# Al-Hujarat-Amakamelo (izindawo zokuhlala)

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Oh Nina enikholwayo! Ningenzi (okuthize) ngaphambili kukaMvelinqangi nesithunywa sakhe futhi yesabani uMvelinqangi, ngempela uMvelinqangi uyezwa uyazi.
2. Oh Nina enikholwayo! Ningaphakamisi amazwi enu ngaphezulu kwezwi likamphrofethi futhi ningabi nomsindo kuyena ngenkulumo njengokuba nomsindo kwabanye benu kwabanye hleze izenzo zenu zibe yize leze kulapho nina ningaboni.
3. Ngempela labo abehlisa amazwi abo uma kukhona isithunywa sikaMvelinqangi labo-ke bayilabo uMvelinqangi azivivinyela okulungileyo izinhliziyo zabo okwabo yintethelelo kanye nomvuzo omkhulu.
4. Ngempela labo abakubiza ngemumva kwezindawo zokuhlala iningi labo alinawo umqondo.
5. Futhi ukube bona babebekezela kuze kube uyaphuma uya kubona kwakuzokuba ngcono kubona, futhi uMvelinqangi ungothethelelayo onesihawu.
6. Oh Nina enikholwayo! Uma (umuntu) ongalungile efika kunina nezindaba ngakho-ke zihlolisiseni, hleze nilimaze abantu ngokungazi bese niyazisola ngalokho enanikwenza.
7. Futhi yazini ukuthi phakathi kwenu kukhona isithunywa sikaMvelinqangi ukube besinganilalela ezindabeni eziningi ngempela benizokuba senhluphekweni kepha uMvelinqangi wayenza yathandeka kunina inkolo futhi wayenza yabukeka iyinhle ezinhliziyweni zenu futhi wenza kwazondeka kunina

ukungakholwa nokushinga nokungahloniphi labo-ke bayilabo abaholwe kahle.

8. Umusa ovela kuMvelinqangi kanye nobubele futhi uMvelinqangi uyisazi unobuhlakani.

9. Futhi uma amaqembu amabili amakholwa elwa ngakho-ke yenzani ubulungiswa phakathi kwawo womabili kepha uma elilodwa lawo womabili licindezela elinye ngakho-ke yilwani nalelo elicindezelayo kuze kube lithobela impoqo kaMvelinqangi, kepha uma lizithoba ngakho-ke lamulani phakathi kwawo womabili ngobulungiswa nangokulingana, ngempela uMvelinqangi uyabathanda abalinganisayo.

10. Abakholwayo bangabazalwane ngakho-ke lamula phakathi kwababafowenu futhi yesabani uMvelinqangi ukuze ninikwe umusa.

***Isigaba sesibili (2)***

11. Oh Nina enikholwayo! Abantu abangabenzi abantu iziphukuphuku, bangaba ngcono kunabo, futhi abesifazane bangabenzi (iziphukuphuku abanye) besifazane, mhlawumbe bangaba ngcono kunabo futhi ningathukani, futhi ningabizani ngezigcono (ezithukuthelisayo) yigama elibi lokungahloniphi emva kwenkolo, futhi noma ngabe ngubani ongazisoli – ngakho-ke labo bona bangabenzi bokubi.

12. Oh Nina enikholwayo! Qhelelanani kakhulu nomdlinzo ngempela eminye yemidlinzo iyisono futhi abanye benu bangabelusi abanye futhi bangabahlebi, ngakube oyedwa wenu uyakuthanda yini ukuthi adle inyama kamfowabo ofile? Ningayinyanya futhi yesabani uMvelinqangi, ngempela uMvelinqangi ungowamukela ukuzisola unesihawu.

13. Oh Bantu! Ngempela thina sanidala ngesilisa nesifazane futhi sanenza abantu nezizwe ukuze nazane, ngempela ohlonipheke

kakhulu phakathi kwenu kuMvelinqangi yilowo olunge kakhulu kunani, ngempela uMvelinqangi uyisazi welumkile.

14. Abahlali basogwadule bathi, "sasikholwa" ithi, "anikholwa" kepha yithini, "sizinikele" inkolo ayikangeni ezinhliziyweni zenu kepha uma nihlonipha uMvelinqangi kanye nesithunywa sakhe angeke anciphise lutho emisebenzini yenu, ngempela uMvelinqangi ungothethelelayo onesihawu.

15. nesithunywa sakhe bese bengangabazi futhi bazabalaze ngengcebo yabo nangemiphefumulo yabo endleleni kaMvelinqangi, labo-ke bayilabo abaneqiniso.

16. Ithi ngakube nazisa uMvelinqangi ngenkolo yenu na? Kulapho uMvelinqangi ekwazi lokho okusemazulwini kanye nalokho okusemhlabeni, futhi uMvelinqangi uyisazi sazo zonke izinto.

17. Benza sengathi bakwenzela umusa ukuthi babengamaMuslim ithi, "ningenzi ububele kumina ngobu-Islam benu, kepha nguMvelinqangi owenza ububele kunina ngokuthi waniholela enkolweni uma kungukuthi nina ningabaneqiniso.

18. Ngempela uMvelinqangi uyakwazi okungabonwa kwamazulu nomhlaba futhi uMvelinqangi ungumboni walokho enikwenzayo.

# (50)
# Qaf

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Qaf ngeQur'an enedumela elikhulu.
2. Kepha bayamangala ukuthi kufike kubona umxwayisi ophuma phakathi kwabo, ngakho-ke abangakholwa bathi, "lokhu yinto emangalisayo".
3. Ngakube uma sesifile sabawuthuli – lokho ukuphindela okukude.
4. Ngempela siyakwazi lokho umhlaba okunciphisayo kubona, ikanye nathi incwadi elondolozayo.
5. Kepha baliphika iqiniso ngenkathi lifika kubona, ngakho-ke bona basesimweni esididayo.
6. Ngakube ababheki yini esibhakabhakeni ngaphezulu kwabo ukuthi sasakha kanjani futhi sasenza sabukeka sisihle futhi asinayo imifantu.
7. Nomhlaba sawendlala futhi sabeka kuwona izintaba futhi samilisa kuwona zonke izinhlobo zezithelo nemithi ngambili.
8. Ukubona nesikhumbuzo kuleyo naleyo nceku ephendukela kuMvelinqangi ngokuzisola.
9. Futhi sawehlisela phansi amanzi avela esibhakabhakeni abusisekile sabe sesenza ngawo ukuthi kumile izivande nohlamvu lokuvunwayo.
10. Nezihlahla ezinde zesundu ezinezixheke ezilekene ezivuthiwe.
11. Isabelo sezinceku (zikaMvelinqangi) futhi saphilisa ngawo (amanzi) izwe elifile kunjalo ukuphuma (ukuvuka kwabafileyo).
12. Baphika ngaphambilini kwabo abantu baNowa nezihlali zaseRass nezaseThamud.

13. No A'd noFaro kanye nabafowabo ka-Lothi.
14. Nezihlali zase-Aykah kanye nabantu baseTubba, bonke babeziphika izithunywa ngakho-ke yabe seyiyagcwaliseka insongo yami.
15. Ngakube sehluleka yini endaweni yokuqala? Kepha bona basekudidekeni ngendawo entsha.

***Isigaba sesibili (2)***

16. Futhi ngempela samudala umuntu futhi sakwazi lokho ubuyena obuhleba ngakho kuyena futhi thina sisondele kakhulu kuyena kunomthambo (wakhe) omkhulu osentanyeni.
17. Ngenkathi abemukeli ababili (izingelosi) bemukela behleli omunye ngakwesokudla omunye ngakwesobunxele.
18. Akaliphimisi igama ngaphandle kokuthi eduzane naye kunomalusi (umqaphi) olindile.
19. Futhi ukudalwa kokufa kuyofika ngeqiniso, lokho kuyilokho wena owawuzama ukukugwema.
20. Futhi icilongo liyofuthwa, lolo wusuku lwensongo.
21. Futhi lowo nalowo mphefumulo uyoza kanye nomshayeli nofakazi.
22. Ngempela wawungakunakile lokho, ngakho-ke sisisusile kuwena isembozo sakho futhi ukubona kwakho namhlanje kubukhali.
23. Futhi okanye naye (ingelosi) iyothi, "nakhu lokhu okukanye nami kulungile.
24. (UMvelinqangi uyothi ezingelosini) nobabili phonsani esihogweni lowo nalowo ongakholwa onenkani.
25. Umenqabeli wokuhle, umephuli womthetho umngabazi.
26. Lowo obeka omunye unkulunkulu kanye noMvelinqangi ngakho-ke nobabili muphonseni esijezisweni esinzima.
27. Okanye naye uyothi, "Nkosi yethu angizange ngimdukise kepha wayesekudukeni okukude".

28. Uyothi, "musani ukuphikisana ngaphambili kwami kulapho sengasidlulisela kunina isexwayiso".
29. Ayiguqulwa inkulumo lapha kumina futhi mina angisiyena ongenabo ubulungiswa ezincekwini.

***Isigaba sesithathu (3)***

30. Ngosuku khumbula lapho sithi esihogweni, "ngakube ugcwele yini na?" Siyothi (isihogo) "ngakube bakhona yini abanye)".
31. Futhi siyosondezwa isivande (kulabo) abagwema okubi hayi kude.
32. Lokhu kuyilokhu enethenjiswa kona – kulowo nalowo ophendukela (kuMvelinqangi) ogcina isethembiso.
33. Lowo omesabayo onomusa ngasese futhi ozoza nenhliziyo yokuzisola.
34. Ngenani kusona ngokuthula lolu wusuku lwangunaphakade.
35. Okwabo lapho phakathi yilokho abakufisayo futhi kuthina kunokungaphezulu.
36. Futhi zingaki izizukulwane esazibhubhisa ngaphambilini kwabo zona zazinamandla amakhulu ngaphezulu kwabo futhi zazihamba emhlabeni ngakube ikhona yini indawo yokuphephela?
37. Ngempela kulokho kunesikhumbuzo kunoma ngabe ngubani onenhliziyo noma onika ukuzwa kulapho yena engufakazi.
38. Futhi ngempela sawadala amazulu nomhlaba nakho konke okuphakathi kwako kokubili ezinsukwini eziyisithupha futhi akuzange kusithinte ukukhathala.
39. Ngakho-ke kubekezelele lokho abakushoyo futhi ugubhe indumiso yeNkosi yakho ngaphambili kokukhuphuka kwelanga nangaphambili kokushona (kwelanga).
40. Nasebusuku yidumise nangemumva kokuwa phansi niguqa.
41. Futhi lalela ngosuku lapho ummemezi ememeza endaweni eseduze.

42. Usuku lapho beyobe bezwa umsindo (ukukhaliswa kwecilongo) kweqiniso lolo kuyoba wusuku emathuneni.
43. Ngempela thina siyaphilisa futhi siyabulala futhi kukuthina ukubuyela kokugcina.
44. Usuku lapho umhlaba uyodabuka usuke kubona ngokushesha lokho kuqoqa kuthina kulula.
45. Thina sikwazi kangcono lokho abakushoyo futhi wena awusiyena umphoqi kubona, ngakho-ke khumbuza ngeQur'an lowo owesaba ukusonga kwami.

# (51)
# Al-Dhariyat-imimoya esakazayo

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngifunga ngemimoya esakazayo.
2. Ngifunga nangamafu athwele.
3. Ngifunga nangemikhumbi ehamba kalula.
4. Ngifunga nangababa udaba.
5. Ngempela lokho enethenjiswa kona kuyiqiniso.
6. Futhi ngempela ukwahlulelwa kuzokwenzeka.
7. Ngifunga ngezulu eligcwele ubuhle.
8. Ngempela nina nisenkulumweni ephikisanayo.
9. Osusiwe kuyona yilowo ophambukisiwe.
10. Ababhujiswe abaqamba amanga.
11. Labo abangaphansi kwesembozo sokunganaki.
12. Babuza ukuthi lunini usuku lokwahlulelwa.
13. Usuku abayovivinywa ngalo emlilweni.
14. Yizwani ukuvivinywa kwenu, lokhu yilokhu nina enanikusheshisa (nikujaha).
15. Ngempela abalungileyo bayokuba sezivandeni nasemithonjeni.
16. Bekuthatha lokho abakunikwa yiNkosi yabo, ngempela bona ngaphambilini kwaloko babengabenzi bokuhle.
17. Babelala kancane ebusuku.
18. Futhi entathakusa bona becela intethelelo.
19. Futhi emnothweni wabo kunesabelo sabacelayo nesabangavunyelwe.
20. Futhi emhlabeni kunezimpawu kulabo abaqinisekile.
21. Futhi nasemiphefumulweni yenu ngakube aniboni yini na?
22. Futhi ezulwini kunesabelo senu kanye nalokho enethenjiswa kona.

23. Ngakho-ke ngeNkosi yamazulu nomhlaba, ngempela kona kuyiqiniso njengoba nina nikhuluma.

***Isigaba sesibili (2)***

24. Ngakube yafika yini kuwena indaba yezivakashi ezihloniphekile zika-Abrahamu.
25. Khumbula ngenkathi zifika kuyena zathi, "ukuthula" (u-Abrahamu) wathi, "ukuthula, niyibantu abangaziwa (kumina)".
26. Wayesephendukela emndenini wakhe wayeseletha inkonyane elinonile.
27. Wayeselibeka eduzane nazo (izivakashi) wathi, "angeke yini nidle?"
28. Wayesengenwa ukuzesaba zathi, "ungesabi" zabe sezimnika izindaba ezimnandi ngendodana enolwazi.
29. Ngakho-ke unkosikazi wakhe weza esho ngezwi elikhulu buhwaqabele ubuso bakhe washo, "(unkosikazi) omdala oyinyumba!"
30. Zathi, "isho kanjalo iNkosi yakho ngempela yona inobuhlakani ingeyaziyo".
31. Wathi (u-Abrahamu), "iyini inkulumo yenu Oh zithunywa?"
32. Zathi, "ngempela thina sithunywe kubantu abayizoni".
33. Ukuze sithumele phezulu kwabo amatshe obumba.
34. Enziwe yiNkosi yakho iwenzela abonayo.
35. Ngakho-ke sabakhipha lapho phakathi abakholwayo.
36. Kepha asizange sithole lutho lapho phakathi ngaphandle kwendlu yamaMuslim.
37. Futhi sashiya lapho phakathi uphawu lalabo abesaba isijeziso esibuhlungu.
38. Futhi nakuMose khumbula ngenkathi simthumela kuFaro negunya elicacile.

39. Kepha wafulathela (uFaro) kanye nabalandeli bakhe wayesethi, “umlumbi noma uhlanya!”
40. Ngakho-ke samthatha kanye namabutho akhe sabaphonsa olwandle futhi nguyena owayefanelwe ukusolwa.
41. Futhi naku’AD khumbula ngenkathi sithumela kubona umoya oyinyumba.
42. (Umoya) awuyekanga lutho lokho oweza kukona, kepha wakwenza kwaba sengathi yizingcezu zembubhiso.
43. Futhi nakuThamud khumbula ngenkathi kuthiwa kubona zithokoziseni okwesikhashana.
44. Kepha bayidelela impoqo yeNkosi yabo ngakho-ke kwabathatha ukushaya konyazi kulapho bona bebhekile.
45. Ngakho-ke abazange bakwazi ukuvuka bame noma ukuzisiza.
46. Kanye nabantu baNowa ngaphambilini, ngempela bona babengabantu ababedelela bengahloniphi.

***Isigaba sesithathu (3)***

47. Nezulu salakha ngezandla futhi ngempela thina singabandisayo.
48. Futhi umhlaba sawendlala, singabalungisi (abandlali) abahle kakhulu.
49. Futhi kuzona zonke izinto sadala kwaba ngambili ukuze nikhumbule.
50. Ngakho-ke balekelani kuMvelinqangi ngempela mina kunina ngingumxwayisi ocacile ovela kuyena.
51. Futhi ningahlanganisi noMvelinqangi omunye unkulunkulu, ngempela mina kunina ngingumxwayisi ocacile ovela kuyena.
52. Kanjalo akuzange kufike kulabo ababengaphambilini kwabo isithunywa ngaphandle kokuthi bathi, “umlumbi noma uhlanya”.
53. Ngakube babelana ngako njengefa, kepha bona bangabantu abanephutha (abonayo).

54. Ngakho-ke bafulathele (suka kubona), wena awusiyena ofanelwe ukusolwa.
55. Futhi khumbuza ngoba ngempela ukukhumbuza kuyabazuzisa abakholwayo.
56. Futhi angizange ngidale amajinn(imimoya) nabantu ngaphandle kokuthi bangikhonze.
57. Angisifuni kubona isabelo futhi angifuni ukuthi bangondle.
58. Ngempela uMvelinqangi nguyena onika isabelo, umnikazi wamandla oqatha.
59. Futhi ngempela okwalabo abenza okubi yingxenye efana nengxenye yabangane babo, ngakho-ke abangangiceli ukuthi ngisheshise.
60. Futhi usizi kulabo abangakholwanga osukwini labo abathenjiswa lona.

# (52)
# At-Tur-intaba

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngifunga ngentaba
2. Ngifunga nencwadi elotshiwe.
3. Ekhasini elivulekile.
4. Ngifunga nangendlu yokukhonzela (izingelosi).
5. Ngifunga nangophahla oluphakanyisiwe.
6. Ngifunga nangolwandle olugcwele luphuphuma.
7. Ngempela isijeziso seNkosi yakho sizokwenzeka.
8. Akekho ongasivimba.
9. Khumbula usuku lapho izulu liyobe lizamazama ngokuzamazama (okunamandla).
10. Futhi izintaba ziyogudluka ukugudluka (okubi) ziyodilika zibe wuthuli.
11. Ngakho-ke usizi ngalolosuku kwababaphikayo.
12. Labo, bona abadlalayo enkulumweni.
13. Ngosuku abayolethwa ngalo emlilweni wesihogo belethwa ngokuphoqwa.
14. Lona ngumlilo nina enanijwayele ukuwuphika.
15. Ngakube umlingo yini lona, noma nina aniboni yini na?
16. Ngenani kusona (isihogo) noma ngabe niyabekezela noma anibekezeli kuyefana kunina, kuphela ninikwa umvuzo walokho nina enanikwenza.
17. Ngempela abalungileyo bayokuba sezivandeni nasenjabulweni.
18. Bethokoza ngenxa yalokho abakunikwa yiNkosi yabo futhi yabasindisa iNkosi yabo esijezisweni somlilo ovuthayo.
19. Yidlani futhi niphuze ngenjabulo ngenxa yalokho nina enanikwenza.

20. Bacambalale emibhedeni engolayini (ekelile) futhi sibashadise nabesifazane abahle abanamehlo amakhulu amahle.
21. Futhi labo abakholwayo futhi balandelwe yinzalo yabo ngokukholwa, siyoyihlanganisa nabo inzalo yabo futhi angeke sibanciphisele ngalutho ezenzweni zabo, bonke abantu banesethembiso ngalokho abakusebenzele.
22. Futhi siyobandisela ezithelweni nasenyameni kulokho abakufisayo.
23. Lapho bayonikezana inkomishi, angeke ibekhona lapho inkulumo embi futhi akukho ukwenza isono.
24. Futhi bayobazungeleza abafana (kwenzelwa) bona, okusengathi bona bawubuhlalu obulondoloziwe.
25. Futhi abanye babo bayosondela kwabanye bebuzana.
26. Bethi, "ngempela thina ngaphambilini kubantu bethu sasesaba".
27. Kepha uMvelinqangi wabanomusa kuthina futhi wasisindisa esijezisweni somlilo.
28. Ngempela thina ngaphambilini sasibiza yena, ngempela nguyena omnene onesihawu.

***Isigaba sesibili (2)***

29. Ngakho-ke khumbuza ngobubele beNkosi yakho wena awusisona isangoma noma uhlanya.
30. Noma ngakube bathi, "imbongi silindele ngayo isehlakalo sesikhathi".
31. Ithi, "lindani ngakho-ke ngempela mina ngikanye nani kwabalindileyo".
32. Noma ngakube baphoqwa yimiqondo yabo ngalokhu, noma bona bangabantu abephula umthetho?
33. Noma bathi uyenzile, kepha bona abakholwa.
34. Abalethe inkulumo efana nayo uma kungukuthi baneqiniso.

35. Noma abazange badalwe ngalutho (yilutho) noma bona uqobo bangabadali.
36. Noma ngakube bawadala amazulu nomhlaba? Kepha abaqinisekile.
37. Noma ngakube baneminotho yeNkosi yakho noma bona bangabaphathi (beminotho).
38. Noma ngakube banaso yini isitebhisi abezwa ngaso? Manjalo akeze umlaleli wabo negunya elicacile.
39. Noma ngakube okwakhe amadodakazi kulapho okwenu kungamadodana?
40. Noma ngakube ubacela umvuzo ukuze basindwe yizikweletu?
41. Noma ngakube banokungabonwa bona abakuloba phansi na?
42. Noma ngakube bafuna ukwenza icebo? Kepha labo abangakholwanga yibona abangabenzi bamacebo.
43. Noma ngakube (banomunnye) unkulunkulu okungasiyena uMvelinqangi? Udumo malube kuMvelinqangi ngaphezulu kwalokho abamenzela ngakho abahlanganyeli ekumkhonzeni.
44. Futhi uma babengayibona ingxenye yesibhakabhaka iwa babezothi, "amafu anqwabelene ndawonye".
45. Ngakho-ke bayeke kuze kube bahlangana nosuku lwabo abayoshawa ngalo.
46. Usuku lapho lingeke libasize ngalutho icebo labo futhi bona angeke balekelelwe.
47. Futhi ngempela okwalabo abenza okungalungile yisijeziso okungeyisona leso (kukhona esinye isijeziso ngaphandle kwaleso) kepha iningi labo alazi.
48. Futhi (silindile) ngokubekezela isinqumo seNkosi yakho ngokuba ngempela wena usemehlweni ethu futhi phakamisani indumiso yeNkosi yakho uma uvuka.
49. Nasebusuku yidumise (iNkosi yakho) nasekusitheleni kwezinkanyezi.

# (53)
# An-Najm – Inkanyezi

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngenkanyezi uma yehla.
2. Akazange aduke umngane wenu futhi akazange aphambuke.
3. Futhi akakhulumi ngokuthanda (kwakhe).
4. Akuyilutho ngaphandle kwesambulo esambuliwe.
5. Wafundiswa onzima onamandla (ingelosi uGabriyeli).
6. Enamandla amakhulu, manjalo yama yaqonda (ingelosi).
7. Futhi yona yayisemkhathini iphakeme kakhulu.
8. Yabe seyiyasondela yeza eduzane.
9. Futhi kwaba yibanga elingangemicibisholo emibili noma okuseduze (kunalokho).
10. Ngakho-ke (iNkosi) yembula encekwini yakhe lokho eyakwembula.
11. Inhliziyo ayizange iwaqambe amanga ngalokho eyakubona.
12. Ngakube niyaphikisana naye kulokho akubona na?
13. Futhi ngempela wayibona (ingelosi) kwesinye isambulo.
14. Eduzane nesihlahla somlothi ngasekugcineni komkhawulo.
15. Eduze kwayo kunesivande sokuphumula (izulu).
16. Ngenkathi kumboza isidra loko okumbozayo.
17. Akuzange kuphambuke ukubona futhi akuzange kuphule umthetho.
18. Ngempela wabona okwezimpawu zeNkosi yakhe ezinkulu.
19. Ngakube nimbonile yini ullata kanye no uzza?
20. Kanye noManat esinye (isithixo) sesithathu.
21. Ngakube okwenu abesilisa abakhe abesifazane na?
22. Lokho ukwahlukana okungenabo ubulungiswa.

23. Aziyilutho (izithixo) ngaphandle kwamagama eniwaqambe zona, nina kanye naboyihlo, okungukuthi uMvelinqangi akalehliselanga phansi igunya ngako, abalandeli ngaphandle komcabango kanye nalokho okufiswa yimiphefumulo, futhi ngempela kwabafikela ukuholwa okuvela eNkosini yabo.
24. Noma ngakube okomuntu yilokho akufisayo?
25. Kepha kungokukaMvelinqangi okokugcina (impilo ezayo) nokokuqala (impilo yalomhlaba).

***Isigaba sesibili (2)***

26. Futhi zingaki izingelosi ezisemazulwini okungasizi ngalutho ukuncenga kwazo ngaphandle kwangemumva kokuba uma uMvelinqangi evumela lowo amthandayo namthokozelayo.
27. Ngempela labo abangakholelwa empilweni ezayo baqamba izingelosi ngamagama abesifazane.
28. Futhi abanalo ulwazi ngako (lokho abakushoyo), abalandeli lutho ngaphandle komcabango futhi ngempela umcabango awuzuzi lutho eqinisweni.
29. Ngakho-ke qhelelana nalowo ofulathela isikhumbuzo sethu futhi ongathandi ngaphandle kwempilo yalomhlaba.
30. Lokho yisamba sabo solwazi, ngempela iNkosi yakho yona yazi kangcono ngalowo ophambukile endleleni yayo futhi yona yazi kangcono ngalowo oholeleke (endleleni eqondile).
31. Futhi ngokukaMvelinqangi konke okusemazulwini nakho konke okusemhlabeni ukuze anikeze umvuzo labo abenza okubi ngalokho abakwenzayo futhi anikeze umvuzo labo abenza okuhle kakhulu ngokuhle.
32. Labo abagwema izono ezinkulu kanye nemikhuba ngaphandle kwamaphutha amancane, ngempela iNkosi yakho inentethelelo ebanzi, yona yazi kabanzi ngani ngenkathi iniveza emhlabeni nangenkathi nina niseyizingane ezingakazalwa eziswini zonyoko, ngakho-ke ningayiphi

imiphefumulo yenu ubumsulwa yena wazi kakhulu ngalowo owesaba (uMvelinqangi nogwema okubi futhi olungileyo).

33. Ngakube umbonile yini lowo owafulathela?
34. Futhi wapha kancane wabe eseyayeka.
35. Ngakube unalo yini ulwazi lokungabonwa ukuze yena abone?
36. Noma akazange yini atshelwe ngalokho okusemibhalweni kaMose?
37. Kanye no-Abrahamu owayegcwalisekisa (lokho okudingekayo kuyena).
38. Ukuthi akekho umthwali wemithwalo oyothwala umthwalo womunye.
39. Futhi akukho okomuntu ngaphandle kwalokho akwenzayo.
40. Futhi imisebenzi yakhe iyobonakala.
41. Bese (uMvelinqangi) emnika umvuzo, umvuzo ogcwele.
42. Futhi iseNkosini yakho lapho kuyisiphetho khona.
43. Futhi iyona eyenza ukuhleka nokukhala.
44. Futhi iyona edala ukufa nenika impilo.
45. Nokuthi yadala ngakubili, isilisa nesifazane.
46. Ngesidoda uma sikhishwa.
47. Futhi kuyena (uMvelinqangi) kunokunye ukuvezwa (indalo noma ukuvuswa kwabafileyo).
48. Nokuthi nguyena ophanayo (ngomnotho) nokwaneliseka.
49. Nokuthi yena (uMvelinqangi) uyiNkosi ye-As'shiri (inkanyezi eyayikhonzwa yingxenye yama-Arab).
50. Nokuthi yona yabhubhisa i-A'D yokuqala.
51. NeThamud (abantu baseThamud) akazange abashiye (wababhubhisa).
52. Kanye nabantu baNowa (babhujiswa) ngaphambilini, ngempela bona babengenabo ubulungiswa ngokudlulele futhi bephula umthetho ngokudlulele.
53. Futhi wabhubhisa amadolobha agumbukeqiswa phansi.
54. Ngakho-ke (amadolobha) ambozwa yilokho akwambozwa.

55. Ngakho-ke yikuphi kobubele beNkosi yakho okungabazayo na?
56. Lona ngumxwayisi wabaxwayisi bakudala (basemandulo).
57. Usuku lokuvuka kwabafileyo luyasondela.
58. Akekho namunye ongalivimba ngaphandle kukaMvelinqangi.
59. Ngakube niyamangala yini kulenkulumo na?
60. Futhi niyahleka anikhali.
61. Kulapho nina nizijabulisa.
62. Ngakho-ke guqelani uMvelinqangi futhi nimkhonze.

# (54)
# Al-Qamar-Inyanga

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ihora liyasondela nenyanga yahlephuka phakathi.
2. Futhi uma bebona uphawu bayafulathela futhi bathi, "(lona) ngumlingo oqhubekayo".
3. Futhi baziphika (izimpawu zikaMvelinqangi) base belandela izinkanuko zabo, kepha zonke izindaba ziyohlelwa (uma sekufika isikhathi sazo).
4. Futhi ngempela sezafika kubona izindaba ezixwayisayo nezinezifundo.
5. Ubuhlakani obuhle, kepha (ukushumayela) kwabaxwayisi akuzange kubasize.
6. Ngakho-ke qhelelana nabo, bese ukhumbule usuku lapho ummemi eyomemela entweni embi kakhulu (esabisayo).
7. Amehlo abo ezithobile, bephuma emangcwabeni kube sengathi bona bayizintethe ezisakazekile.
8. Bejahe kummemezi abangakholwanga bethi, "lolu wusuku olunzima".
9. Ngaphambilini kwabo abantu baNowa bayiphika inceku yethu futhi bathi "uhlanya" yagxoshwa.
10. Ngakho-ke (inceku yethu) yabiza iNkosi yayo (yathi) "nginqotshiwe ngakho-ke ngisize.
11. Ngakho-ke sawavula amasango ezulu ngamanzi amaningi.
12. Futhi sawenza umhlaba ukuthi uqhekeke ngemithombo ngakho-ke amanzi ahlanganela udaba olwaselunqunyiwe ngaphambilini.
13. Futhi samthwala (uNowa ngomkhumbi) owakhiwe ngamapulangwe kanye nezipikili.

14. Untanta ngaphansi kwamehlo ethu, umvuzo walowo owayephikwa.
15. Futhi ngempela sakushiya (lokho) ukuthi kube wuphawu, ngakho-ke ngakube ukhona yini oyokhumbula?
16. Manjalo, sasinjani isijeziso sami nesexwayiso sami?
17. Futhi ngempela sayenza iQur'an yabalula ukuze ikhumbuleke ngakho-ke ngakube ukhona yini ozokhumbula?
18. Waphika u-AD kepha sasinjani isijeziso sami nesexwayiso sami?
19. Ngempela thina sawuthumela umoya oyisibhengubhengu ngosuku lwesehlakalo esiqhubekayo.
20. (Umoya) ukhipha abantu kube sengathi bona bayiziqu zemithi yesundu esimbuliwe.
21. Manjalo sasinjani isijeziso sami kanye nesexwayiso sami.
22. Futhi ngempela sayenza iQur'an yabalula ukuthi ikhumbuleke ngakube ukhona yini okhumbulayo?

***Isigaba sesibili (2)***

23. UThamud waziphika izexwayiso.
24. Kepha bathi, "ngakube umuntu oyedwa ophuma phakathi kwethu simlandele? Ngempela thina ngabe sisekudukeni nasekuhlanyeni".
25. Ngakube sesathunyelwa yini kuyena isikhumbuzo esivela phakathi kwethu, kepha yena ungumqambi wamanga ozigabisayo.
26. Bazokwazi kusasa ukuthi ngubani ongumqambi wamanga ozigabisayo.
27. Ngempela sithumela ikameli lensikazi njengesilingo kubona ngakho-ke babuke futhi ubekezele.
28. Futhi batshene ukuthi amanzi azohlukaniswa phakathi kwabo, konke ukuphuza kwabo kwenziwe.

29. Kepha bamemeza abakanye nabo (abangane babo) wayesethatha (inkemba) wayeselibulala (ikameli lensikazi).
30. Manjalo sasinjani isijeziso sami kanye nesexwayiso sami!
31. Futhi ngempela sawuthumela kubona umsindo owesabekayo owodwa babe sebeba njengoluthi olomile.
32. Futhi ngempela sayenza iQur'an yabalula ukuze ikhumbuleke ngakube ukhona yini okhumbulayo?
33. Abantu baLothi baziphika izexwayiso.
34. Ngempela sathumela kubona isichotho samatshe esinamandla ngaphandle komndeni kaLothi sabaphephisa entathakusa.
35. Umusa ovela kuthina, kanjalo simnika umvuzo lowo obongayo.
36. Futhi ngempela wabaxwayisa ngokushaya kwethu (ngesijeziso sethu) kepha abazethembanga izexwayiso.
37. Futhi ngempela baphoqa kuyena izivakashi zakhe manjalo sawavala amehlo abo (sathi) "yizwani isijeziso sami kanye nezexwayiso zami".
38. Futhi ngempela bavuka ekuseni ngesijeziso esingasuki (esingapheli).
39. Ngakho-ke yizwani isijeziso sami kanye nezexwayiso.
40. Futhi ngempela sayenza iQur'an yabalula ukuze ikhumbuleke, ngakube ukhona yini okhumbulayo na?

## ***Isigaba sesithathu (3)***

41. Futhi ngempela bafika kubantu baFaro abaxwayisi.
42. Baziphika izimpawu zethu zonke, manjalo sababamba ngokubamba kophakeme ngamandla okwaziyo (ukwenza zonke izinto).
43. Ngakube abangakholwa benu bangcono kunabo noma abanacala ezincwadini (emibhalweni).
44. Noma ngakube bathi, "thina sihlangene siyalekelelana".

45. Ibutho (labo) liyohlulwa bese beyafulathela beveza imihlane (yabo).
46. Kepha ihora yisethembiso sabo, futhi ihora liyobanzima kakhulu futhi liyobamuncu kakhulu.
47. Ngempela abayizoni basekudukeni nasekuhlanyeni.
48. Khumbula ngosuku lapho beyodonselwa emlilweni ngobuso babo, kuyothiwa yizwani ukuthintwa yisihogo.
49. Ngempela zonke izinto sazidala ngesilinganiso.
50. Futhi impoqo yethu ayiyilutho ngaphandle kokucwazima kweso okukodwa.
51. Futhi ngempela sababhubhisa abafana nani ngakho-ke ngakube ukhona yini okhumbulayo na?
52. Futhi zonke izinto abazenzayo zishicilelwe kwiZubur (incwadi ekushicilelwa kuyona izenzo zabo).
53. Futhi konke okuncane nokukhulu kushicilelwe phansi (kulotshiwe).
54. Ngempela abalungileyo bayokuba sezivandeni nasemifuleni.
55. Esihlalweni seqiniso eduzane neNkosi enkulu eyenza (zonke izinto).

# (55)
# Ar-Rahman-Onomusa

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. (UMvelinqangi) onomusa.
2. Wafundisa iQur'an.
3. Wadala umuntu.
4. Wamfundisa ukukhuluma.
5. Ilanga nenyanga kuhamba ngendlela ekuyiyona ngasosonke isikhathi.
6. Futhi izinkanyezi kanye nezihlahla kokubili (kukhothamela umthetho kaMvelinqangi).
7. Nezulu waliphakamisa wayesebeka isikalo.
8. Ukuze ningoni esikalini.
9. Futhi niqaphele isisindo ngobulungiswa, futhi ningasinciphisi isilinganiso.
10. Futhi umhlaba wawubekela izidalwa.
11. Lapho phakathi kukhona izithelo, nezihlahla zamasundu ezinezixheke.
12. Nohlamvu kanye noluthi olomile lukakolweni (noma amaqabunga aluhlaza) kanye nezihlahla ezinuka amakha.
13. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
14. Wadala umuntu ngobumba olunjengolokwakha izitsha zobumba.
15. Futhi wadala amajinn ngelangabi lomlilo.
16. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
17. INkosi yezimpumalanga ezimbili neNkosi yezintshonalanga ezimbili.

18. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
19. Yenza ukuthi izilwandle ezimbili zihlangane.
20. Phakathi kwazo zombili (izilwandle) kunomngcele zombili ezingaweqi.
21. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
22. Kuzona zombili kuphuma ubuhlalu, ubuhlalu obukhulu nobuncane.
23. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
24. Futhi ngeyakhe imikhumbi ehamba olwandle ephakeme njengezintaba.
25. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?

## *Isigaba sesibili (2)*

26. Bonke abaphezulu kwawo (umhlaba) bayobhubha.
27. Kepha kuyosala ubuso beNkosi yakho umnikazi wobukhosi ohloniphekile.
28. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
29. Bacela yena (uMvelinqangi) bonke abasemazulwini nasemhlabeni, zonke izinsuku yena usodabeni
30. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
31. Siyoninaka (siyonehlulela) Oh Nina maqembu amabili! (abantu namajinn).
32. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?

33. Oh Sixuku samajinn nabantu! Uma nikwazi ukuthi nedlule ngaphambili kwezindawo zamazulu nomhlaba ngakho-ke dlulani, angeke nedlule ngaphandle kwegunya.
34. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
35. Kuyothunyelwa kunina nobabili amalangabi omlilo kanye nentuthu, manjalo angeke nikwazi ukuzivikela nobabili.
36. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
37. Khumbula ngenkathi izulu liyohlukana phakathi libe yimibalabala eshintshayo.
38. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo.
39. Manjalo, ngalolosuku angeke abuzwe ngesono sakhe umuntu nejinn angeke libuzwe ngesono salo).
40. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
41. Bayokwaziwa abayizoni ngezimpawu zabo ngakho-ke bayobanjwa ngeziphongo nangezinyawo (zabo).
42. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
43. Lesi yisihogo ababesiphika abayizoni.
44. Bayojikeleza phakathi kwaso naphakathi kwamanzi abilayo.
45. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?

***Isigaba sesithathu (3)***

46. Kepha okwalowo owesaba ukuma kweNkosi yakhe (ukuze imehlulele) yizivande ezimbili.
47. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
48. Zombili (izivande imithi yazo) inamagatsha.

49. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
50. Phakathi kuzona kunemithombo emibili egijimayo.
51. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
52. Phakathi kuzona zombili (izivande) kukhona zonke izithelo ngambili.
53. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
54. Becambalele emibhedeni izembozo (izingubo) zayo ziwusilika onohlonze futhi izithelo zezivande ezimbili ziseduze.
55. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
56. Phakathi kuzona zombili (izivande) kunabesifazane abamsulwa ababheka ngokuzotha, abangakaze bathintwe abantu ngaphambilini kwabo futhi (abangakaze) bathintwe amajinn.
57. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo.
58. Okusengathi bona bangamaRubhi nobuhlalu.
59. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
60. Ngakube ukhona yini umvuzo wokuhle ngaphandle kokuhle?
61. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
62. Futhi ngaphandle (kwezivande) ezimbili kunezivande ezimbili ezinye.
63. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
64. Zombili ziluhlaza okumnyama.
65. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?

66. Phakathi kuzona zombili (izivande) kunemithombo emibili ephophozayo.
67. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
68. Phakathi kuzona zombili kunezithelo nezihlahla zamasundu namahalananda (uhlobo lwesithelo esinezinhlamvu eziningi).
69. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
70. Phakathi kuzona kunezinto ezinhle ezilungile.
71. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
72. Abesifazane abahle ababekwe ematendeni amakhulu.
73. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
74. (Abesifazane) abangakaze bathintwe ngabantu ngaphambilini kwabo futhi abangakaze (bathintwe amajinn).
75. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
76. Becambalele emaphilweni aluhlaza kanye nakokhaphethi abahle.
77. Ngakho-ke yikuphi komusa weNkosi yenu nobabili (abantu namajinn) enikuphikayo?
78. Alibusiswe igama leNkosi yakho umnikazi wobukhosi, kanye nodumo.

# (56)
# Al-Waqia – isehlakalo

**Isigaba sokuqala (1)**

*Egameni likaMvelinqangi onomusa onesihawu*

1. Khumbula uma isehlakalo sehlakala.
2. Akusiwona amanga ukwehlakala kwaso.
3. Sehlisa (abanye) siphakamisa (abanye).
4. Khumbula lapho umhlaba unyakaziswa ngokuzamazama.
5. Nezintaba zibhidlizwa ziba wuthuli.
6. Bese zibawuthuli olusaphazekile.
7. Futhi naniyizigaba ezintathu.
8. Manjalo abangane bangakwesokudla, yini abangane bangakwesokudla?
9. Kanye nabangane bangakwesobunxele, yini abangane bangakwesobunxele?
10. Nabedlulelayo (ekwenzeni izenzo ezinhle kulomhlaba) bangabedlulelayo (empilweni ezayo).
11. Labo bangabasondele (kuMvelinqangi).
12. Bayongena ezivandeni zentokozo.
13. Isixuku sabantu basendulo.
14. Kanye nabambalwa kwabangamumva.
15. Emibhedeni ephothwe ngegolide.
16. Becambalele phezulu kwayo bebhekene.
17. Bayobazungeleza abafana bangunaphakade.
18. Nezinkomishi, nabojeke kanye nezingilazi zewayini eligobhozayo.
19. Alibaphathisi ngekhanda futhi alibashintshi umqondo
20. Kanye nezithelo abakhetha kuzona.
21. Kanye nenyama yezinkukhu abayithandayo.

22. Kanye nabesifazane abamhlophe abanamehlo amakhulu amahle.
23. Abafana njengobuhlalu obugciniwe
24. Umvuzo ngenxa yalokho ababekwenza.
25. Abayizwa lapho phakathi inkulumo eyize noma ukwenza isono.
26. Ngaphandle kwesisho, "ukuthula! Ukuthula!"
27. Futhi abangane bangakwesokudla – yini abangane bangakwesokudla?
28. Bayoba sezihlahleni zomlothi ezingenawo ameva.
29. Nezihlahlai ezinezixheke (zezithelo).
30. Kanye nomthunzi owandisiwe (obanzi).
31. Kanye namanzi agobhozayo.
32. Kanye nezithelo eziningi.
33. Akunqamuki (ukubakhona kwazo izithelo) futhi azenqatshelwe (zitholakala kalula).
34. Nemibhede ephakanyisiwe.
35. Ngempela thina (sabadala abesifazane basezulwini) ngendalo.
36. Futhi sabenza baba ngabesifazane abamsulwa abangakaze bathintwe.
37. Banothando bayalingana ngeminyaka.
38. Okwalabo abangakwesokudla.

***Isigaba sesibili (2)***

39. Iqembu labantu basendulo.
40. Kanye neqembu langamumva.
41. Futhi labo abangasesandleni sobunxele, yini abangane abangakwesobunxele?
42. Bayongena emlilweni oshisayo nasemanzini abilayo.
43. Kanye nethunzi lentuthu emnyama.
44. Elingapholile futhi elingajabulisi.

45. Ngempela bona ngaphambilini kwalokho babephila impilo entofontofo.
46. Futhi babephikelela ezonweni ezinkulu.
47. Futhi babethi, "ngakube uma sesifile sabawuthuli namathambo ngempela siyobuye sivuswe kwabafileyo?"
48. Kanye nabokhokho bethu?
49. Ithi, "ngempela (bayovuswa kwabafileyo) abasemandulo kanye nabangamumva".
50. Ngempela bayoqoqelwa ndawonye (beqoqelwa) isikhathi sosuku olwaziwayo.
51. Manjalo, ngempela Oh Nina abaphambukayo abaphikayo!
52. Ngempela nizodla esihlahleni sezaqum.
53. Manjalo, nigcwalise izisu (zenu) ngaso.
54. Bese niphuza phezulu kwaso amanzi abilayo.
55. Niphuze njengokuphuza kwekameli elomile.
56. Lokhu ukujatshuliswa kwabo ngosuku lokwahlulelwa.
57. Thina sanidala, ngakho-ke kungani ningakholwa?
58. Ngakube nikubonile yini lokho enikukhiphayo (ubudoda)?
59. Ngakube yinina yini enikudalile noma yithina umdali?
60. Thina sakwenza ukufa phakathi kwenu futhi thina asedlulwa.
61. Ukuthi sikuguqule ukufana kwenu (silethe enye indalo esikhundleni senu) futhi sinidale nibe yilokho eningakwazi.
62. Futhi ngempela senikwazile ukudalwa kokuqala manjalo kungani ningakhumbuli?
63. Ngakube nikubonile yini lokho enikutshalayo?
64. Ngakube yinina enikwenza ukuthi kumile (kukhule) noma yithina ummilisi?
65. Ukube besithanda, besizokwenza kube wuthuli bese nina niyamangala (niyazisola).
66. Ngempela thina sisesikweletini.
67. Kepha thina siphuciwe.
68. Ngakube niwabonile yini amanzi eniwaphuzayo?

69. Ngakube yinina yini eniwahlisele phansi ephuma emafini noma yithina umehliseli phansi?
70. Ukube besithanda besizowenza abeduma (angaphuzeki) manjalo kungani ningabongi?
71. Ngakube niwubonile yini umlilo eniwokhelayo?
72. Ngakube yinina yini enenza ukuthi kukhule izihlahla zawo (umhlaba) noma yithina umkhulisi?
73. Thina sawenza waba yisikhumbuzo kanye nosizo ezihlalini zasogwadule.
74. Ngakho-ke dumisa igama leNkosi yakho enkulu kakhulu.
75. Manjalo ngifunga ngokubekwa kwezinkanyezi.
76. Futhi ngempela yisifungo esikhulu ukube benazi.
77. Ngempela yona iyiQur'an ehloniphekile.
78. Encwadini elondolozekile.
79. Ayithintwa ngaphandle kwabamsulwa.
80. Isambulo esivela eNkosini yemihlaba.
81. Ngakube yileNkulumo yini nina eningakholelwa kuyona?
82. Futhi nenza isabelo senu ukuthi kube ukwenqaba kwenu.
83. Manjalo kungani uma (umphefumulo uphuma) ufinyelela emninzweni.
84. Futhi nina ngalesosikhathi nibhekile.
85. Futhi thina siseduzane kakhulu kuyena kunani kepha aniboni.
86. Manjalo kungani ningenzi – uma kungukuthi nina angeke nehlulelwe.
87. Wubuyiseleni emumva uma kungukuthi nina ningabaneqiniso.
88. Manjalo uma wayengomunye wabasondezwe eduzane.
89. Manjalo ukuphumula nezabelo kanye nesivande senjabulo.
90. Futhi uma engomunye wabangane bangakwesokunene.
91. Ngakho-ke ukuthula kungokwakho ongowabangane bangakwesokunene.
92. Futhi uma wayengomunye wabaphikayo abaphambukayo (eqinisweni).
93. Manjalo ukujatshuliswa (kwakhe) amanzi abilayo.

94. Nokusha emlilweni wesihogo.
95. Ngempela lokhu yiqiniso langempela.
96. Ngakho-ke dumisa igama leNkosi yakho, enkulu.

# (57)
# Al-Hadid – Insimbi

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Kudumisa uMvelinqangi konke okusemazulwini nasemhlabeni futhi yena uphakeme ngamandla unobuhlakani.
2. Ungowakhe umbuso wamazulu nomhlaba uyaphilisa futhi uyabulala futhi yena wenza zonke izinto.
3. Yena ungowokuqala nowokugcina nosobala nosithele futhi yena uyisazi sazozonke izinto.
4. Nguyena owadala amazulu nomhlaba ezinsukwini eziyisithupha wayesezibeka esihlalweni sobukhosi, wazi konke okungena emhlabeni nakho konke okuphuma kuwona kanye nakho konke okwehlela phansi okuphuma ezulwini nakho konke okunyukela khona futhi yena ukanye nani noma ngabe yikuphi lapho nikhona futhi uMvelinqangi uyakubona lokho enikwenzayo.
5. Ungowakhe umbuso wamazulu nomhlaba futhi ikuMvelinqangi lapho zibuyiselwa khona izindaba.
6. Wenza ukuthi ubusuku bungenele emini futhi wenza ukuthi imini ingenele ebusuku futhi yena uyakwazi lokho okusezifubeni.
7. Kholwani kuMvelinqangi nesithunywa sakhe futhi nisebenzise kulokho anenza naba abalandelayo kukona, kepha labo abakholwayo phakathi kwenu futhi abasebenzisayo (abanikelayo) okwabo ngumvuzo omkhulu.
8. Futhi kungani ningakholelwa kuMvelinqangi kanti isithunywa sinimemela ekukholelweni eNkosini yenu futhi yasithatha isivumelwano senu uma kungukuthi nina ningamakholwa.

9. Yena uyilowo owehlisela phezulu kwenceku yakhe amavesi acacile ukuze anikhiphe ebumnyameni aniyise ekukhanyeni futhi ngempela uMvelinqangi ngani umnene unesihawu.

10. Futhi kungani ningasebenzisi endleleni kaMvelinqangi futhi ngelikaMvelinqangi ifa lamazulu nomhlaba abalingani phakathi kwenu laba abasebenzisa ngaphambili kokunqoba futhi balwa, labo bakhulu kakhulu ngezinga kunalabo abasebenzisa ngamumva futhi balwa, futhi uMvelinqangi uyakwazi lokho enikwenzayo.

***Isigaba sesibili (2)***

11. Ngubani lowo ongaboleka uMvelinqangi ukuboleka okuhle ukuze amphindele kona kabili bese ebanomvuzo ohloniphekile.

12. Khumbula ngosuku uyobona abesilisa abakholwayo nabesifazane abakholwayo ukukhanya kwabo kuhamba ngaphambili kwabo futhi ngakwezokunene zabo izindaba zenu ezinhle namhlanje yizivande okugeleza ngaphansi kwazo imifula bayohlala khona ingunaphakade lokho ukuphumelela okukhulu.

13. Ngosuku lapho abazenzisi besilisa nabazenzisi besifazane beyothi kulabo abakholwayo “silindeni ukuze sithole okokukhanya kwenu” kuyothiwa “phindelani emumva ngemumva kwenu bese nifuna ukukhanya” manjalo kuyobekwa udonga phakathi kwabo olunesango ngaphakathi, ngaphakathi kunomusa kepha ngaphandle kwalo kunesijeziso.

14. Bayobamemeza (abangakholwanga bathi), “sasingeve yini sikanye nani?” bayothi, “yebo kepha nina naniyilinga imiphefumulo yenu futhi nalinda nangabaza kanye nemicabango eyanikhohlisa kwaze kwafika impoqo kaMvelinqangi futhi wanikhohlisa ngoMvelinqangi umkhohlisi (ongusathane)”.

15. Manjalo kulolusuku angeke yamukelwe kunina inhlengo futhi angeke (yamukelwe) kulabo abangakholwanga, indawo yenu yokuhlala umlilo wona ungumngane wenu futhi kubi lapho kuyiwa khona.
16. Asikafiki yini isikhathi kulabo abakholwayo sokuthi izinhliziyo zabo zithobele isikhumbuzo sikaMvelinqangi kanye nalokho okwehlela phansi okuyiqiniso (okwambuliwe) futhi abangabi njengalabo ababenikezwe incwadi ngaphambilini futhi belulelwa isikhathi, manjalo zabalukhuni izinhliziyo zabo futhi iningi labo izephulamthetho.
17. Yazini ukuthi uMvelinqangi uphilisa umhlaba emva kokufa kwawo, sazenza zacaca kunina izimpawu ukuze niqonde.
18. Ngempela abesilisa abaneqiniso nabesifazane abaneqiniso futhi baboleka uMvelinqangi ukuboleka okuhle bayophindelwa kabili futhi okwabo ngumvuzo ohloniphekile.
19. Futhi labo abakholwa kuMvelinqangi nesithunywa sakhe labo ngabaneqiniso kanye nabafela ukholo baseduzane neNkosi yabo okwabo ngumvuzo wabo kanye nokukhanya kwabo, kepha labo abangakholwa futhi abawaphika amavesi ethu labo bangabangane bomlilo ovuthayo.

***Isigaba sesithathu (3)***

20. Yazini ukuthi impilo yalomhlaba ingumdlalo nenjabulo nobuhle nokuzikhukhumeza phakathi kwenu nokuqhudelana mayelana nengcebo nezingane njengemvula okumilayo kwayo kujabulisa abalimi bese kuyoma ukubone kuphenduka kubaphuzi besekubayimfucumfucu futhi empilweni ezayo kunesijeziso esinzima nentethelelo evela kuMvelinqangi nenjabulo futhi ayiyilutho impilo yalomhlaba ngaphandle kwenjabulo eyinkohliso.
21. Ncintisananani entethelelweni evela eNkosini yenu nasesivandeni ububanzi baso bunjengobubanzi bezulu

nomhlaba silungiselelwe labo abakholwa kuMvelinqangi nesithumywa sakhe, lowo ngumusa kaMvelinqangi uwunika lowo amthandayo futhi uMvelinqangi unomusa omkhulu.

22. Asikho isenzakalo esenzakalayo emhlabeni ngisho nasemiphefumulweni yenu ngaphandle kokuthi sisencwadini ngaphambili kokuba sisiveze, ngempela lokho kuMvelinqangi kulula.

23. Ukuze ningabi usizi ngalokho okwaniphunyuka futhi ningajabuli ngalokho aninika kona, futhi uMvelinqangi akabathandi bonke abaziqhenyayo abazigabisayo.

24. Labo abancishanayo bayalele abantu ngokuncishana futhi noma ngabe ngubani ofulathelayo, manjalo ngempela uMvelinqangi yena akadingi lutho ungodunyiswayo.

25. Ngempela sazithumela izithunywa zethu namavesi acacile futhi sehlisela phansi kanye nabo incwadi kanye nesilinganiso ukuze abantu benze ubulungiswa futhi sehlisela phansi insimbi kuyona kunamandla amakhulu kanye nezinzuzo zabantu futhi ukuze amazi uMvelinqangi lowo omsizayo (ngokumkhonza) nesithunywa sakhe engabonwa, ngempela uMvelinqangi uqatha, uphakeme ngamandla.

26. Futhi ngempela samthumela uNowa no-Abrahamu futhi sabeka ezizukulwaneni zabo bobabili ubuphrofethi nencwadi manjalo phakathi kwabo kunalabo abaholelekile (endleleni eqondile) kepha iningi labo izephulamthetho.

27. Manjalo sazenza izithunywa zethu ukuthi zilandele ezinyathelweni zabo futhi salandelisa ngoJesu indodana kaMaryam (Mariya) samnika i-Injil (iVangeli) futhi safaka ezinhliziyweni zalabo abamlandela ububele nomusa nobuzindela (ubuRoma) abazenzela bona asibenzelanga bona ngaphandle kokufuna injabulo nomusa kaMvelinqangi, kepha abazange babugcine ngendlela obugcinwa ngayo, ngakho-ke sabanika labo abakholwayo phakathi kwabo umvuzo wabo, kepha iningi labo liyizephulamthetho.

28. Oh nina enikholwayo! Yesabani uMvelinqangi futhi nikholwe yisithunywa sakhe uzoninika izingxenye ezimbili emseni wakhe bese enibekela ukukhanya enizohamba kukona futhi anithethelele, futhi uMvelinqangi ungothethelelayo onesihawu.

29. Ukuze abantu bencwadi bazi ukuthi abakwazi ukwenza lutho emseni kaMvelinqangi nokuthi umusa usesandleni sikaMvelinqangi uwunika lowo amthandayo futhi uMvelinqangi unomusa omkhulu.

INGXENYE 28

# (58) Al-Mujadilah –Owesifazane onempikiswano

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngempela uMvelinqangi uyizwile inkulumo leyo owesifazane ayephikisana ngayo nawe mayelana nomyeni wakhe, ekhononda kuMvelinqangi futhi uMvelinqangi uyayizwa ingxoxo yenu nobabili ngempela uMvelinqangi ungozwayo obonayo.
2. Labo phakathi kwenu abenza amakhosikazi abo angabi semthethweni (ngokuwabiza ngokuthi imihlane yawo injengeyonina, lokho babekwenzela isehlukaniso) wona (amakhosikazi abo) akawasibona onina, akuyibona onina ngaphandle kwabesifazane ababazala futhi ngempela bona basho inkulumo embi neyamanga ngempela uMvelinqangi ungoxolelayo othethelelayo.
3. Futhi labo abathi imihlane yamakhosikazi abo ifana neyabonina bese beyakuhoxisa lokho abakushilo ngakho-ke kufanele kukhululwe isigqila ngaphambili kokuba bathintane, lokho niyayalwa ngako futhi uMvelinqangi lokho enikwenzayo uyakwazi.
4. Ngakho-ke lowo ongasitholi (isigqila azosikhulula) akazile izinyanga ezimbili ezilandelanayo ngaphambili kokuba bathintane ngakho-ke lowo ongakwazi (ukukwenza lokho) ngakho-ke akondle abantu abangamashumi ayisithupha abampofu lokho (kwenzelwa ukuthi) nikholelwe kuMvelinqangi nesithunywa sakhe futhi leyo yimingcele kaMvelinqangi futhi okwabangakholwa yisijeziso esibuhlungu.
5. Ngempela labo abaphikisa uMvelinqangi nesithunywa sakhe bathotshiswa njengokuthotshiswa kwalabo

ababengaphambilini kwabo futhi ngempela sawembula amavesi acacile futhi okwabangakholwa yisijeziso esijabhisayo (esidumazayo).

6. Khumbula ngosuku lapho uMvelinqangi eyobavusa bonke bese ebatshena ngaloko ababekwenza, uMvelinqangi wakubala (konke ababekwenza) kulapho sebekukhohliwe, futhi uMvelinqangi uyazibona zonke izinto.

***Isigaba sesibili (2)***

7. Awuboni yini ukuthi uMvelinqangi uyakwazi konke okusemazulwini nako konke okusemhlabeni, futhi uMvelinqangi awukho umhlangano wasesithe wabathathu ngaphandle kokuba yena ungowesine futhi akekho owesihlanu ngaphandle kokuba yena ungowesithupha wabo futhi akukho okungaphansi kwalokho noma okungaphezulu ngaphandle kokuthi yena ukanye nabo noma ngabe yikuphi lapho bekhona bese ebatshela ngalokho ababekwenza ngosuku lokuvuka kwabafileyo ngempela uMvelinqangi uyazazi zonke izinto.

8. Awubaboni yini labo ababenqatshelwe umhlangano wangasese bese bebuyela kuloko ababenqatshelwe kukona bese behlangana ndawonye ngesono nobutha kanye nokungasihloniphi isithunywa, futhi uma befika kuwena bakubingelela ngaloko angakubingeleli ngako uMvelinqangi futhi bathi emiphefumulweni yabo, "kungani engasijezisi uMvelinqangi ngaloko esikushoyo?" sibanele isihogo bayosha kusona kubi lapho kuyiwa khona.

9. Oh Nina enikholwayo! Uma nihlangana ngasese ngakhoke ningahlangani ngasese ngesono nobutha kanye nokungasihloniphi isithunywa kepha yibani nemihlangano yangasese ngokuhle nokwesaba futhi yesabani uMvelinqangi okunguyena eniyoqoqelwa ndawonye kuyena.

10. Kuphela izinkulumo zangasese zivela kusathane ukuze enze labo abakholwayo babewusizi futhi angeke balinyazwe yilutho ngaphandle uma kungokwentando kaMvelinqangi futhi ikuMvelinqangi lapho bethembela khona abakholwayo.
11. Oh Nina enikholwayo! Uma kuthiwa kunina "vulani indawo emihlanganweni" ngakho-ke yivuleni uyonivulela indawo uMvelinqangi futhi uma kuthiwa (kunina) "sukumani" ngakho-ke sukumani, uyabaphakamisa uMvelinqangi labo abakholwayo phakathi kwenu kanye nalabo abanikezwa ulwazi ngamazinga futhi uMvelinqangi lokho enikwenzayo uyakwazi.
12. Oh Nina enikholwayo! Uma nihlangana nesithunywa ngasese ngakho-ke nikelani ngesipho ngaphambili kokuxoxisana kwenu, lokho kungcono kunina futhi kumsulwa kakhulu, kepha uma ningasitholi (isipho) ngakho-ke ngempela uMvelinqangi ungothethelelayo onesihawu.
13. Ngakube niyesaba yini ukunikela ngezipho ngaphambili kokuxoxisana kwenu na? Manjalo uma ningakwenzi lokho, uMvelinqangi unithethelele, ngakho-ke yenzani umthandazo ninikeze (nikhokhe) izakaah (ingxenye yengcebo ekhokhwa kwabampofu) futhi nihloniphe uMvelinqangi nesithunywa sakhe futhi uMvelinqangi uyazi ngaloko enikwenzayo.

***<u>Isigaba sesithathu (3)</u>***

14. Awubaboni yini labo abenza ubungane nabantu ubathukuthelele uMvelinqangi abasibona abenu futhi abasibona ababo futhi bafunga ngamanga kulapho bona bazi.
15. UMvelinqangi wabalungiselela isijeziso esinzima, ngempela bona okubi lokho ababekwenza.
16. Bathatha izifungo zabo njengesisitho, manjalo bavimba (abanye) endleleni kaMvelinqangi, ngakho-ke okwabo yisijeziso esidumazayo.

17. Ayisoze yabasiza ngalutho ingcebo yabo nezingane zabo kuMvelinqangi, labo-ke yizihlali zomlilo ziyokuba kuwona ingunaphakade.
18. Ngosuku ayobavusa ngalo uMvelinqangi bonke bese beyamfunga njengoba benifunga futhi bacabanga ukuthi bona baphezulu kokuthize, ngempela bona yibona uqobo abaqambi bamanga.
19. Wabanqoba usathane manjalo wabenza ukuthi bakhohlwe yisikhumbuzo sikaMvelinqangi, labo bayingxenye kasathane ngokungangabazeki ngempela yiqembu likasathane bona bangabalahlekelwe.
20. Ngempela labo abaphikisa uMvelinqangi nesithunywa sakhe labo bayokuba sekudunyazweni.
21. UMvelinqangi waloba phansi ukuthi ngempela ngizonqoba mina kanye nezithunywa zami, ngempela uMvelinqangi uqatha uphakeme ngamandla.
22. Ngeke ubathole abantu abakholwa kuMvelinqangi nasosukwini lokugcina bethanda labo abaphikisa uMvelinqangi nesithunywa sakhe noma ngabe ngoyise noma amadodana abo noma abafowabo noma umndeni wabo, labo waloba ezinhliziyweni zabo ukholo wayesebaseka ngomoya ovela kuyena futhi abafake ezivandeni okugeleza ngaphansi kwazo imifula bayohlala khona ingunaphakade, uMvelinqangi uyothokoza ngabo futhi bayothokoza ngaye, labo bayiqembu likaMvelinqangi ngempela iqembu likaMvelinqangi bona bangabaphumeleleyo.

# (59)
# Al-Hashir – Umhlanga

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Kudumisa uMvelinqangi konke okusemazulwini nako konke okusemhlabeni futhi yena uphakeme ngamandla unobuhlakani.
2. Yena uyilowo owakhipha labo abangakholwanga phakathi kwabantu bencwadi ezindlini zabo (emizini yabo) ekuhlanganeni kokuqala anicabanganga ukuthi bayophuma futhi babecabanga ukuthi izinqaba zezindlu zabo ziyobavikela kuMvelinqangi, manjalo uMvelinqangi weza kubona evela lapho babengalindele khona futhi wafaka uvalo ezinhliziyweni zabo bebhidliza izindlu zabo ngezandla zabo kanye nezandla zabakholwayo ngakho-ke yalekani Oh Bantu abanamehlo!
3. Futhi ukube kwakungesingenxa yokuthi wabanqumela uMvelinqangi ukudingiswa wayezobajezisa emhlabeni futhi okwabo empilweni ezayo yisijeziso somlilo.
4. Lokho kungenxa yokuthi bona babephikisa uMvelinqangi nesithunywa sakhe ngakho-ke noma ngabe ngubani ophikisa uMvelinqangi ngempela uMvelinqangi unzima ekujeziseni.
5. Noma ngabe yiziphi izihlahla zesundu enazigawula noma enazishiya zimile ngezimpande zazo kwakungemvume kaMvelinqangi futhi ukuze adumaze abephula umthetho.
6. Futhi lokho uMvelinqangi akunika isithunywa sakhe njengempango kuvela kubona, ngalokhu anizange nisheshe ngokugibelwayo amahhashi) namakameli, kepha uMvelinqangi unikeza igunya izithunywa zakhe ngaphezulu kwanoma ngabe ngubani amthandayo, futhi uMvelinqangi wenza zonke izinto.

7. Lokho uMvelinqangi akunikeza isithunywa sakhe njengempango kuvela kubantu basemadolobheni ngakho-ke kungokukaMvelinqangi kanye nesithunywa sakhe nezihlobo nezintandane nabampofu kanye nesihambi ukuze kungasetshenziswa phakathi kwabanothile kunina futhi noma ngabe yini enayinikwa yisithunya ngakho-ke yithatheni futhi noma ngabe yini (isithunywa) esanenqabela yona iyekeni (qhelelanani nayo) futhi nesabe uMvelinqangi ngempela uMvelinqangi unzima ekujeziseni.
8. (Kunengxenye yezimpango) ekungeyabafuduki abampofu labo abakhishwa ezindlini zabo (emakhaya abo) nasengcebweni yabo befuna umusa ovela kuMvelinqangi nenjabulo futhi belekelela uMvelinqangi nesithunywa sakhe (ngokukholwa) labo-ke bona bangabaneqiniso.
9. Futhi labo ababenendawo yokuhlala kanye nokholo ngaphambilini okwabo bathanda labo abafudukela kubona futhi bangatholi ezifubeni zabo isidingo kulokho ababekunikeziwe futhi bazikhethela bona uqobo yize ngisho noma ngabe kwakunesidingo salokho futhi noma ngabe ngubani osindisiwe ekufiseni kwakhe, labo bona bangabaphumeleleyo.
10. Futhi labo abafika ngemva kwabo bathi, "Nkosi yethu! Sithethelele kanye nabafowethu labo ababengaphambilini kwethu enkolweni futhi ungabeki ezinhliziyweni zethu inzondo mayelana nalabo abakholwayo, Nkosi yethu ngempela wena umnene unesihawu.

## ***Isigaba sesibili (2)***

11. Awubaboni yini abenza ubuzenzisi bathi kubafowabo labo abangakholwanga phakathi kwabantu bencwadi, "uma nikhishwa ngempela sizophuma kanye nani futhi angeke sihloniphe kunina ngisho noma munye futhi uma nilwiswa

ngempela siyonilekelela, futhi uMvelinqangi ungufakazi ukuthi ngempela bona bangabaqamba amanga".

12. Uma bekhishwa (begxoshwa) abaphumi kanye nabo futhi uma belwiswa angeke babalekelele futhi uma bebalekelela ngempela bayofulathelisa imihlane (yabo) bese bengalekelelwa.

13. Ngempela nina ningabasabeka kakhulu ezifubeni zabo kunoMvelinqangi lokho kungenxa yokuthi (ngempela) bona bangabantu abangaqondi.

14. Angeke balwe nani nonke ngaphandle kokuba besemadolobheni akhiwe abayizinqaba noma ngemumva kwezindonga, ukulwa kwabo (nokungezwani) phakathi kwabo kunzima, ucabanga ukuthi bona bahlangene kulapho izinhliziyo zabo zehlukene, lokho kungenxa yokuthi bona bangabantu abangenawo umqondo.

15. Njengalabo ababengaphambilini kwabo kancane bawuzwa umphumela wodaba lwabo futhi okwabo yisijeziso esibuhlungu.

16. Njengosathane uma ethi kumuntu, "ungakholwa" ngenkathi lapho engakholwa athi, "ngempela angihlangene nawe, ngempela mina ngiyamesaba uMvelinqangi iNkosi yemihlaba".

17. Ngakho-ke isiphetho sabo bobabili ukuthi bona bobabili bayokuba semlilweni bayokuba kuwona ingunaphakade futhi lokho ngumvuzo wabenzi bakubi.

## *Isigaba sesithathu (3)*

18. Oh Nina enikholwayo! Yesabani uMvelinqangi futhi ukuze umphefumulo ubheke lokho okulethe ngaphambili kwangakusasa futhi yesabani uMvelinqangi, ngempela uMvelinqangi uyazi ngalokho enikwenzayo.

19. Futhi ningabi njengalabo abakhohlwa nguMvelinqangi manjalo wenza ukuthi bakhohlwe yimiphefumulo yabo laboke yibona abephula umthetho (abayizoni).
20. Abalingani (abafani) abahlali bomlilo kanye nabahlali besivande abahlali besivande bona bangababaphumeleleyo.
21. Ukuba sasiyehlisele phansi leQur'an phezulu kwentaba ngempela wawuzoyibona (intaba) izithoba futhi ihlukana phakathi ngenxa yokwesaba uMvelinqangi futhi lezi zibonelo sizenzela abantu ukuze bacabange.
22. Yena unguMvelinqangi, akukho okunokukhonzwa ngaphandle kwakhe, isazi sokungabonwa nokubonwayo yena ungonomusa onesihawu.
23. Yena unguMvelinqangi, akukho okunokukhonzwa ngaphandle kwakhe iNkosi, umsulwa, uwukuthula, ikholwa (umgcini wokholo) umgcini wokuphepha, uphakeme ngamandla, uqatha, mkhulu (unobukhosi) udumo malube kuMvelinqangi ngaphezulu kwako konke lokho abamenzela ngako abahlanganyeli ekumkhonzeni.
24. Yena unguMvelinqangi, umdali, umenzi (oveza obala akudalile noma akwenzile) umbumbi angawakhe amagama amahle kakhulu kudumisa yena konke okusemazulwini nasemhlabeni futhi yena uphakeme ngamandla unobuhlakani.

# (60)
# Al'mumtahanah–owesifazane okumele avivinywe

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Oh Nina enikholwayo! Ningathathi isitha sami kanye nesitha senu njengabangane nikhombisa uthando kubona kulapho bengakholelwa kuloko okwafika kunina okuyiqiniso, bakhipha (bagxosha) isithunywa kanye nani ngokuba nikholelwa kuMvelinqangi iNkosi yenu, ukube nina naniphuma ukuyozabalaza endleleni yami nokufuna injabulo yami benizobakhombisa uthando esithe futhi mina ngazi kangcono ngaloko enikufihlayo kanye nalokho enikuvezayo futhi noma ngabe ngubani okwenzayo (lokho) phakathi kwenu ngempela uphambukile endleleni eqondile.
2. Uma beninqoba bayokuba yizitha zenu futhi balulele kunina izandla zabo nezilimi zabo ngobubi futhi bafisa ukuthi ningakholwa.
3. Angeke zibewusizo kunina izihlobo zenu nezingane zenu ngosuku lokuvuka kwabafileyo uyokwahlulela phakathi kwenu futhi uMvelinqangi lokho enikwenzayo uyakubona.
4. Ngaphambilini naninesibonelo esihle ku-Abraham kanye nalabo abakanye naye ngenkathi bethi kubantu babo "ngempela asihlangene nani kanye nalokho enikukhonzayo esikhundleni sikaMvelinqangi, asikholelwa kunina futhi kuvela phakathi kwethu nani ubutha nenzondo kwangunaphakade kuze kube nikholelwa kuMvelinqangi yedwa, ngaphandle kwenkulumo ka-Abrahamu kuyise (ethi) "ngempela ngizokucelela intethelelo futhi anginawo (amandla) okukwenzela okuthize maqondana noMvelinqangi Nkosi yethu sethembele kuwena

futhi ikuwena lapho siphendukela khona futhi kukuwena ukubuyela kokugcina".

5. Nkosi yethu! Ungasenzi isilingo kulabo abangakholwanga futhi sithethelele, Nkosi yethu ngempela wena ungophakeme ngamandla unobuhlakani.
6. Ngeqiniso naninesibonelo esihle kubona, kulowo onethemba kuMvelinqangi nasosukwini lokugcina futhi noma ngabe ngubani ofulathelayo ngakho-ke ngempela uMvelinqangi yena akadingi lutho ungodunyiswayo.

***Isigaba sesibili (2)***

7. Mhlawumbe uMvelinqangi angenza uthando phakathi kwenu naphakathi kwalabo enaniyizitha nabo, futhi uMvelinqangi unamandla okwenza (zonke izinto) futhi uMvelinqangi ungothethelelayo unesihawu.
8. Akanenqabeli uMvelinqangi kulabo abangalwi nani ngenxa yenkolo futhi abanganigxoshi emakhaya enu ukwenza okuhle kubona nokwenza ubulungiswa kubona, ngempela uMvelinqangi uyabathanda abenza ubulungiswa.
9. Kuphela uMvelinqangi uyanenqabela kulabo ababelwa nani ngenxa yenkolo futhi banigxosha emakhaya enu futhi balekelela ekugxoshweni kwenu-ukuthi nibe ngabangani nabo, futhi noma ngabe ngubani owenza ubungani nabo ngakho-ke labo bayilabo abenza okubi (izoni).
10. Oh Nina enikholwa! Uma befika kunina abesifazane abakholwayo bengabafuduki ngakho-ke bahloleni, nguMvelinqangi owazi kabanzi ngokholo lwabo manjalo uma senibazile ukuthi bangamakholwa ningabaphindiseli kwabangakholwa, bona abavumelekile kubona futhi bona (abangakholwa) abavumelekile kubona (abesifazane abakhowayo) futhi nibanike lokho abakusebenzisile, futhi alikho icala kunina uma nishada nabo, uma senibanikile

okuqondene nabo (isipho sabo somshado) futhi ningabagcini abesifazane abangakholwa futhi nibuze lokho enakusebenzisa (enakukhokha okuyisipho somshado mehr) futhi bafune lokho abakusebenzisa, lokho yisehlulelo sikaMvelinqangi, uyehlulela phakathi kwenu futhi uMvelinqangi uyazi unobuhlakani.

11. Futhi uma abanye bamakhosikazi enu behamba kunina beya kwabangakholwa ngakho-ke nikezani labo amakhosikazi abo ahamba okufana (okulingana) nalokho abakusebenzisa, futhi yesabani uMvelinqangi lowo nina eningamakholwa kuye.

12. Oh Mphrofethi! Uma befika kuwena abesifazane abakholwayo befunga kuwena ukuthi angeke bamenzele ngalutho uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni futhi angeke bantshontshe futhi angeke benze ukuphinga futhi angeke bazibulale izingane zabo futhi angeke benze isibhaceko (inkohliso) abayiqamba phakathi kwezandla zabo nezinyawo zabo futhi angeke bakudelele kokuhle, ngakho-ke yamukela isiqiniseko sabo futhi ubacelele intethelelo kuMvelinqangi, ngempela uMvelinqangi uyathethelela unesihawu.

13. Oh Nina enikholwayo! Ningabi ngabangane babantu intukuthelo kaMvelinqangi ephezulu kwabo, ngempela baphelelwa yithemba ngempilo ezayo njengoba baphelelwa yithemba ababengakholwa abasemathuneni.

# (61)
# Al-Saff – okuhlelwe ngomugqa

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Kudumisa uMvelinangi konke okusemazulwini kanye nako konke okusemhlabeni futhi yena uphakeme ngamandla unobuhlakani.
2. Oh Nina enikholwayo! Kungani nisho lokho eningakwenzi na?
3. Kuzondekile kakhulu kuMvelinqangi ukuthi nisho lokho eningakwenzi.
4. Ngempela uMvelinqangi uyabathanda labo abalwayo endleleni yakhe beyimigqa okusengathi bona bayisakhiwo esakhiwe saqina.
5. Futhi khumbula ngenkathi uMose ethi kubantu bakhe, "Oh Bantu bami! Kungani ningihlupha kulapho senazi ukuthi mina ngiyisithunywa sikaMvelinqangi kunina" ngakho-ke kwathi lapho sebephambuka, waziphambukisa uMvelinqangi izinhliziyo zabo futhi uMvelinqangi akabaholi abantu abephula umthetho (abayizoni).
6. Futhi khumbula ngenkathi ethi uJesu indodana kaMariya, "Oh bantwana baka-Israyeli ngempela mina ngiyisithunywa sikaMvelinqangi kunina ngiqinisekisa lokho okwakungaphambilini kwami okuyi-Torah futhi ngingumlethi wezindaba ezinhle ngesithunywa esiza ngemumva kwami igama laso ngu-Ahmad, manjalo kwathi lapho esefika kubona nobufakazi obucacile bathi, "lona ngumlingo ocacile".
7. Futhi ngubani ongenabo ubulungiswa kakhulu kunalowo oqambela uMvelinqangi amanga kulapho yena ememelwa kwi-Islam futhi uMvelinqangi akabaholi abantu abayizoni.

8. Bafuna ukucisha ukukhanya kukaMvelinqangi ngemilomo yabo kepha uMvelinqangi ungumphelelisi wokukhanya kwakhe ngisho noma ngabe bengakuthandi lokho abangakholwa.
9. Yena uyilowo owathumela isithunywa sakhe nokuhola nenkolo eyiqiniso ukuze ayenze igqame ngaphezulu kwazo zonke izinkolo yize noma ngabe bengakuthandi lokho abenzela uMvelinqangi abahlanganyeli ekumkhonzeni.

***Isigaba sesibili (2)***

10. Oh Nina enikholwayo! Ngakube nginikhombise yini uhwebo oluzonisindisa esijezisweni esibuhlungu na?
11. Kholwani kuMvelinqangi nesithunywa sakhe futhi nizabalaze endleleni kaMvelinqangi ngengcebo yenu nangemiphefumulo yenu lokho kungcono kunina ukube benazi.
12. Uyonithethelela izono zenu futhi aningenise ezivandeni ekugeleza ngaphansi kwazo imifula kanye nezindawo zokuhlala ezinhle ezivandeni zangunaphakade lokho ukuphumelela okukhulu.
13. Futhi okunye enikuthandayo usizo oluvela kuMvelinqangi kanye nokunqoba okuseduzane futhi banikeze izindaba ezinhle abakholwayo.
14. Oh nina enikholwayo! Yibani ngabalekeleli baMvelinqangi njengoba asho uJesu indodana kaMariya kubafundi, “ngobani abasizi bami kuMvelinqangi” abafundi bathi, “thina singabasizi baMvelinqangi” manjalo lakholwa iqembu labantwana bakwa-Israyeli futhi (elinye) iqembu langakholwa ngakho-ke sabalekelela ezitheni zabo babangabanqobi labo abakholwa”.

# (62)
# Al-Jum'ah – uLwesihlanu

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Kudumisa uMvelinqangi konke okusemazulwini kanye nako konke okusemhlabeni iNkosi, engcwele, ephakeme ngamandla enobuhlakani.
2. Yena uyilowo owathumela phakathi kwabangafundile isithunywa phakathi kwabo sibafundela amavesi akhe futhi sibahlanze futhi sibafundise incwadi nobuhlakani yize noma ngabe ngaphambilini babesekudukeni (ephutheni) elicacile.
3. Futhi abanye babo abangakangeni kubona – futhi yena (uMvelinqangi) uphakeme ngamandla unobuhlakani.
4. Lokho ngumusa kaMvelinqangi uwunikeza lowo amthandayo futhi uMvelinqangi ungumnikazi womusa omkhulu.
5. Isibonelo salabo ababethweswe (ababenikezwe) iTorah, bese bengayithwali njengembongolo ethwele umthwalo omkhulu, okubi yisibonelo sabantu labo ababephika amavesi nezimpawu zikaMvelinqangi futhi uMvelinqangi akabaholi abantu abayizoni.
6. Ithi, "Oh nina maJuda! Uma nizibiza ngokuthi nina ningabangane baMvelinqangi ngaphandle kwabantu ngakhoke fisani ukufa uma kungukuthi nina ningabaneqiniso.
7. Futhi angeke bakufise nakancane ngenxa yalokho okwalethwa yizandla zabo ngaphambilini, futhi uMvelinqangi uyisazi ngezoni.
8. Ithi, "ngempela ukufa loku enikubalekayo –ngempela kuyohlangana nani bese niphindiselwa esazini sokungabonwa nokubonwayo bese sinitshena ngalokho enanikwenza".

***Isigaba sesibili (2)***

9. Oh Nina enikholwayo! Uma nimenyezelwa umthandazo ngosuku lwangolesihlanu phuthumani niye enkumbulweni kaMvelinqangi niyeke uhwebo, lokho kungcono kunina uma nina nazi.
10. Ngakho-ke uma sewenziwe (sewuqediwe) umthandazo sakazekani (hambani) emhlabeni nifune umusa kaMvelinqangi futhi nikhumbule uMvelinqangi kakhulu ukuze niphumelele.
11. Futhi uma bebona uhwebo noma injabulo baya kukona begijima futhi bakushiya umile ithi, "lokho okukuMvelinqangi kungcono kunomdlalo nohwebo futhi uMvelinqangi ungongcono kakhulu kunabaphayo".

# (63)
# Al-Munafiqun – abazenzisi

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Uma befika kuwena abazenzisi bethi siyafakaza ukuthi ngempela wena uyisithunywa sikaMvelinqangi futhi uMvelinqangi uyazi ukuthi ngempela wena uyisithunywa sakhe futhi uMvelinqangi uyafakaza ukuthi ngempela abazenzisi baqamba amanga.
2. Bathatha izifungo zabo njengesembozo bese bevimbela abantu endleleni kaMvelinqangi ngempela bona okubi yilokho ababekwenza.
3. Lokho kungenxa yokuthi bona bakholwa base bengakholwa (bayiyeka inkolo) kwabe sekusicilelwa izinhliziyo zabo manjalo bona bangabe besaqonda (lutho).
4. Futhi uma ubabona iyakuthokozisa imizimba yabo futhi uma bekhuluma uyayilalela inkulumo yabo, okusengathi bona bayizinkuni ezisekelwe, bacabanga ukuthi konke ukhala (umsindo omubi) uqondene (ubhekene) nabo, bona bayizitha ngakho-ke baqaphele sengathi uMvelinqangi angabaqalekisa (ababhubhise) bheka ukuthi bachezuka kanjani eqinisweni.
5. Futhi uma kuthiwa kubona, "wozani isithunywa sikaMvelinqangi sizonicelela intethelelo" baphendukisa amakhanda abo futhi ubabona bevimbela (abanye) futhi bona bayaziqhenya.
6. Kuyefana kubona noma ubacelela intethelelo noma awubaceleli intethelo, akasoze abathethelele uMvelinqangi, ngempela uMvelinqangi akabaholi abantu abephula umthetho (abayizoni).

7. Bona bayilabo abathi, "ningachithi (ningasebenzisi lutho) kulabo abakanye nesithunywa sikaMvelinqangi kuze kube bayahlakazeka futhi angawaMvelinqangi amagugu (umnotho) wamazulu nomhlaba kepha abazenzisi abaqondi".
8. Bathi, "uma siphindela eMadina ngempela abahlonipheke kakhulu (abanamandla) bazobagxosha kuyona abazithobile futhi kungokukaMvelinqangi ukuhlonipheka nesithunywa sakhe kanye nabakholwayo kepha abazenzisi abazi".

***Isigaba sesibili (2)***

9. Oh Nina enikholwayo! Ayinganichezukisi ingcebo (umnotho) wenu nezingane zenu enkumbulweni kaMvelinqangi futhi noma ngabe ngubani owenza lokho ngakho-ke labo, bona bangabalahlekelweyo.
10. Futhi sebenzisani kulokho esanabela kona ngaphambili kokuba ukufa kufike koyedwa wenu bese ethi, "Nkosi yami kungani ungangiphumuzi okwesikhashana ukuze nginikele futhi ngibe ngomunye wabalungileyo.
11. Futhi akasoze uMvelinqangi awunike ithuba umphefumulo uma sekufike isikhathi sawo, futhi uMvelinqangi uyakwazi lokho enikwenzayo.

# (64)
# Al-Taghabun – ukulahlekelwa kwababili nokuzuza kwabo

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Kudumisa uMvelinqangi konke okusemazulwini kanye nako konke okusemhlabeni, ubukhosi bungobakhe futhi ngolwakhe udumo futhi yena uyakwazi ukwenza zonke izinto.
2. Yena uyilowo owanidala manjalo phakathi kwenu kunongakholwa futhi phakathi kwenu kunoyikholwa futhi uMvelinqangi lokho enikwenzayo uyakubona.
3. Wadala amazulu nomhlaba ngeqiniso futhi wanibumba, wakwenza kwakuhle ukubunjwa kwenu futhi kukuyena ukubuyela.
4. Uyakwazi loko okusemazulwini nasemhlabeni futhi uyakwazi loko enikufihlayo kanye naloko enikuvezayo futhi uMvelinqangi uyisazi saloko okusezifubeni.
5. Ayifikanga yini kunina indaba yalabo abangakholwanga ngaphambilini base bezwa umphumela wodaba lwabo futhi okwabo yisijeziso esibuhlungu.
6. Loko kungenxa yokuthi zazifika kubona izithunywa zabo namavesi (nezimpawu) ezicacile kepha bathi, "ngakube ngumuntu osiholayo?" Manjalo abakholwayo futhi baphendukele emumva, futhi akaswele uMvelinqangi, futhi uMvelinqangi akadingi lutho (akaswele lotho) ungodunyiswayo.
7. Labo abangakholwanga bacabanga ukuthi abasoze bavuswe kwabafileyo ithi, "Yebo ngifunga ngeNkosi yami ngempela niyovuswa kwabafileyo bese ngempela nitshelwa ngaloko enanikwenza, futhi loko kuMvelinqangi kulula.

8. Ngakho-ke kholwani kuMvelinqangi nesithunywa sakhe kanye nokukhanya esakwehlisela phansi, futhi uMvelinqangi loko enikwenzayo uyakwazi.
9. Ngosuku ayoniqoqa ngalo (eniqoqela) usuku lokuhlangana lolo ngusuku lokulahlekelwa phakathia kwabo nokuzuza futhi noma ngabe ngubani okholwa kuMvelinqangi futhi enze okulungileyo (uMvelinqangi) uyozisusa kuyena izenzo zakhe ezimbi bese emfaka ezivandeni okugeleza ngaphansi kwazo imifula bayohlala lapho phakathi ingunaphakade loko wukuphumelela okukhulu.
10. Futhi labo abangakholwanga futhi baphika amavesi (nezimpawu) zethu labo-ke bangabangane bomlilo bayohlala kuwona ingunaphakade futhi kubi lapho kuyiwa khona.

***Isigaba sesibili (2)***

11. Asikho isehlakalo esehlakalayo ngaphandle kwemvume kaMvelinqangi futhi noma ngabe ngubani okholwa kuMvelinqangi, (uMvelinqangi) uyayihola inhliziyo yakhe futhi uMvelinqangi uyisazi sazo zonke izinto.
12. Futhi hloniphani uMvelinqangi nihloniphe nesithunywa kepha uma nifulathelile (ningakwenzi lokho) kuphela (umthwalo) ophezulu kwesithunywa sethu (ukudlulisela) umyalezo ocacile.
13. UMvelinqangi ayikho into enokukhonzwa ngaphandle kwakhe futhi ikuMvelinqangi lapho bethembela khona abakholwayo.
14. Oh Nina enikholwayo! Ngempela phakathi kwamakhosikazi enu nasezinganeni zenu kunezitha zenu, ngakho-ke baqapheleni futhi uma nithethelela ninganaki futhi nixolela ngakho-ke ngempela uMvelinqangi ungothethelelayo unesihawu.

15. Kuphela ingcebo yenu (umnotho wenu) kanye nezingane zenu ukulingwa, futhi uMvelinqangi kuyena kunomvuzo omkhulu.
16. Ngakho-ke yesabani uMvelinqangi ngendlela eningakwazi ngayo futhi nilalele futhi nihloniphe futhi nisebenzise (ninikele lokho) kungcono emiphefumulweni yenu futhi noma ngabe ngubani osindisiwe esifisweni sakhe (esibi) ngakho-ke labo bona bangababaphumeleleyo.
17. Uma niboleka uMvelinqangi ukweboleka okuhle uniphindaphindela kona futhi anithethelele futhi uMvelinqangi ungobongayo obekezelayo.
18. Isazi sokungabonwa nokubonwayo siphakeme ngamandla sinobuhlakani.

# (65)
# At-Talaq – Isehlukaniso somshado

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Oh mphrofethi! Uma nenza isehlukaniso somshado nabesifazane ngakho-ke yenzani isehlukaniso somshado nabo ngokwesikhathi sabo (nilinde isikhathi sabo) futhi nibale isikhathi (sabo) futhi nesabe uMvelinqangi iNkosi yenu, ningabakhiphi abesifazane ezindlini zabo futhi (bona uqobo) bangaphumi (bangahambi) ngaphandle kokuba uma benza umkhuba wokonakala ocacile futhi leyo yimikhawulo kaMvelinqangi futhi noma ngabe ngubani owedlula imikhawulo kaMvelinqangi ngempela wenza okungalungile emphefumulweni wakhe, awazi uMvelinqangi angaletha emumva kwalokho (okunye) udaba.
2. Ngakho-ke uma sebesigcwalisekisile isikhathi sabo sokulinda, manjalo babambeni ngendlela enhle (esemthethweni) noma nibadedele abesifazane ngendlela enhle, futhi nibabizele ofakazi ababili abanobulungiswa phakathi kwenu futhi nenzele uMvelinqangi ubufakazi, lokho uyala ngako noma ngabe ngubani okholwa kuMvelinqangi nasosukwini lokugcina, futhi noma ngabe ngubani owesaba uMvelinqangi umenzela indlela ephumayo.
3. Futhi umnika isabelo ngalapho engacabanganga khona futhi noma ngabe ngubani owethembela kuMvelinqangi ngakho-ke yena umenele, ngempela uMvelinqangi uyayifeza inhloso yakhe, ngempela uMvelinqangi wazibekela zonke izinto isilinganiso.
4. Futhi labo abangalindele ukuya esikhathini phakathi kwabesifazane benu, uma ninokungabaza ngakho-ke isikhathi

sabesifazane sokulinda yizinyanga ezintathu kanye nalabo abangayanga esikhathini kanye nalabo abesifazane abakhulelwe isikhathi sabo sokulinda ukuthi kuze kube babeka phansi umthwalo wabo (kuze kube bayabeletha) futhi noma ngabe ngubani owesaba uMvelinqangi umenzela odabeni lwakhe ubulula.

5. Leyo yimpoqo kaMvelinqangi ayehlisela phansi kunina futhi noma ngabe ngubani owesaba uMvelinqangi uyamsusela izenzo zakhe ezimbi bese emenzela ubemkhulu umvuzo wakhe.

6. Bahlaliseni abesifazane lapho nihlala khona ngokungangamandla enu futhi ningabalimazi (ningabahluphi) abesifazane okusengathi niyabacindezela (nifuna bahambe singakashayi isikhathi sabo sokulinda) futhi uma bekhulelwe ngakho-ke chithani (umnotho) kubona kuze kube babeka phansi umthwalo wabo (kuze kube bayabeletha) manjalo uma abesifazane benincelisela ngakho-ke banikezeni imivuzo yabo (iholo labo) bese nenza okuhle phakathi kwenu kepha uma nenzelana ubunzima ngakho-ke uzomncelisela omunye wesifazane.

7. (Lowo) onomnotho (onengcebo) makasebenzise engcebweni yakhe futhi noma ngabe ngubani onciphiselwe isabelo sakhe manjalo makasebenzise kulokho akunikwa nguMvelinqangi, uMvelinqangi akawethwesi umphefumulo (okungaphezulu kwawo) ngaphandle kwalokho akunika wona, uMvelinqangi uyobeka emumva kobunzima ubulula.

***Isigaba sesibili (2)***

8. Futhi maningi amadolobha ayevukela impoqo yeNkosi yawo nezithunywa zawo ngakho-ke sawabalela (sawehlulela) ukwehlulela okunzima futhi sawajezisa ngesijeziso esesabekayo.

9. Ngakho-ke (amadolobha) ezwa umphumela wodaba lwawo, futhi ngasosonke isikhathi isiphetho sodaba lwawo ukulahlekelwa.
10. UMvelinqangi wabalungiselela isijeziso esinzima ngakho-ke yesabani uMvelinqangi Oh nina Bantu bokuqonda! Labo abakholwayo ngempela uMvelinqangi wasehlisela phansi kunina isikhumbuzo (iQur'an).
11. (Wathumela phansi) isithunywa sinifundela amavesi kaMvelinqangi acacile ukuze sikhiphe labo abakholwayo futhi abenza izenzo ezilungile ebumnyameni sibayise ekukhanyeni futhi noma ngabe ngubani okholwa kuMvelinqangi futhi owenza izenzo ezilungileyo uyomfaka ezivandeni ekugeleza ngaphansi kwazo imifula uyohlala lapho phakathi kuzona ingunaphakade, uMvelinqangi uyomenzela isabelo esihle kakhulu.
12. UMvelinqangi nguyena owadala amazulu ayisikhombisa nokomhlaba okufana nawo, impoqo (yakhe) yehlela phakathi kwako (kokubili) ukuze nazi ukuthi uMvelinqangi uyakwazi ukwenza zonke izinto, nokuthi uMvelinqangi usingethe zonke izinto ngolwazi (lwakhe).

# (66)
# At'tahrim – ukwenqabela (ukwenqatshelwa)

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Oh mphrofethi kungani wenqabela loko uMvelinqangi akwenza kwavumeleka kuwena, ufuna injabulo yamakhosikazi akho, futhi uMvelinqangi uyathethelela unomusa.
2. Ngempela wayenza yabayimpoqo kunina uMvelinqangi inhlambuluko (inkululo) ezifungweni zenu futhi uMvelinqangi ungumvikeli wenu futhi uyisazi unobuhlakani.
3. Futhi khumbula ngenkathi umphrofethi ekhuluma imfihlo kwenye yamakhosikazi akhe manjalo (unkosikazi wakhe) watshela (omunye) ngayo wayeseyamvezela uMvelinqangi wayenza yazeka ingxenye futhi wayiyeka ingxenye, manjalo ngenkathi emtshena owesifazane ngako wathi owesifazane ngubani okutshene lokhu, wathi owesilisa (ongumprofethi), "ngitshelwe ngowaziyo ongamele ngolwazi.
4. Uma nobabili niphendukela kuMvelinqangi ngokuzisola ngempela izinhliziyo zenu nobabili zikuthambekele (loko) futhi uma nesekana ngokuphambene naye ngakho-ke ngempela uMvelinqangi yena ungumvikeli wakhe, kanye noGabriyeli kanye namakholwa alungileyo kanye nezingelosi emva kwalokho bangabalekeleli (bakhe).
5. Mhlawumbe iNkosi yakhe, uma enza isehlukaniso somshado nani izomshintshela ngamakhosikazi angcono kunani angamamuslim (azinikele ngaphansi kwentando kaMvelinqangi) akholwayo, ahloniphayo (aqotho) aphendukela kuMvelinqangi ngokuzisola, ayizikhonzi, azilayo (noma ahamba endleleni kaMvelinqangi) aseke ashade (ngaphambilini) nayizintombi ezigcwele ezingakaze zithintwe.

6. Oh Nina enikholwayo! Yivikeleni imiphefumulo yenu kanye nemindeni yenu emlilweni ozithungelo zawo ngabantu kanye namatshe (ogadwe yizingelosi) ezinonya (ezilukhuni) olunzima, akwenzeki ukuthi zingamhloniphi uMvelinqangi kulokho akuphoqa zona futhi zenza lokho ezikuphoqwayo.
7. Oh Nina eningakholwa! Ningenzi izaba ngalolusuku, kuphela niyonikwa umvuzo walokho enanikwenza.

***Isigaba sesibili (2)***

8. Oh Nina enikholwayo! Phendukelani kuMvelinqangi ngokuzisola, ukuzisola kweqiniso iNkosi yenu iyozisusa kunina izenzo zenu ezimbi bese inifaka ezivandeni ekugeleza ngaphansi kwazo imifula, ngosuku angeke uMvelinqangi amjabhise ngalo umphrofethi kanye nalabo abakholwayo kanye naye, ukukhanya kwabo kuyoba ngaphambili kwabo nangakwezokunene zabo bayothi, "Nkosi yethu siphelelisele ukukhanya kwethu futhi usithethelele ngempela wena wenza zonke izinto".
9. Oh mphrofethi! Zabalaza ukubhekana nabangakholwa kanye nabazenzisi futhi ubenzima kubona futhi indawo yabo yokuhlala yisihogo futhi kubi lapho kuyiwa khona.
10. UMvelinqangi wabenzela isibonelo labo abangakholwanga, unkosikazi kaNowa kanye nonkosikazi kaLothi, babengaphansi kwezinceku ezimbili, ezincekwini zethu ezilungileyo ngakho-ke womabili (amakhosikazi) ayengathembekanga ngakho-ke womabili abawuzuzelanga lutho umphefumulo wabo ukubhekana noMvelinqangi futhi kwathiwa, "ngenani emlilweni kanye nabangenayo".
11. Futhi wenza isibonelo uMvelinqangi salabo abakholwayo– unkosikazi kaFaro ngenkathi ethi, "Nkosi yami ngakhele eduze nawe indlu esivandeni (ezulwini) futhi ungisindise kuFaro nemisebenzi yakhe futhi ungisindise kubantu abayizoni".

12. NoMaryam (uMariya) indodakazi ka-Imran okuyiyona eyabuqaphela ubumsulwa bayo ngakho-ke saphefumulela kukona umoya wethu futhi (uMariya) wakholelwa emagameni eNkosi yakhe nasezincwadini zayo futhi (uMariya) wayengomunye wabahloniphayo.

INGXENYE 29

# (67)
# Al-Mulk – ubukhosi (umbuso)

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ugcwele izibusiso lowo esandleni sakhe okunobukhosi (umbuso) futhi yena unamandla ngaphezulu kwazo zonke izinto.
2. Lowo owadala ukufa nokuphila ukuze anilinge ukuthi ngubani wenu ongcono kakhulu ngezenzo futhi yena (uMvelinqangi) uphakeme ngamandla uyathethelela.
3. Lowo owadala amazulu ayisikhombisa elinye phezulu kwelinye angeke usibone isici ezidalweni zonomusa, ngakho-ke phinda ubuke, ngakube uyakubona ukuqhekeka.
4. Ngakho-ke phinda ukubuka kwakho kabili, kuzobuya ukubona kwakho kuzithobile futhi kukhathele.
5. Futhi ngempela salenza labukeka lilihle izulu eliseduzane ngezibani (izinkanyezi) futhi sazenza (izinkanyezi) zaba yimijikijelo kosathane (zivimbela osathane ukuthi bangasondeli ezulwini eliseduzane) futhi sabalungiselela (osathane) isijeziso somlilo ovuthayo.
6. Futhi okwalabo abangakholwa eNkosini yabo yisijeziso sesihogo futhi kubi lapho kuyiwa khona.
7. Uma bephonswa phakathi kusona bayozwa umsindo waso (ukubhonga kwaso) kulapho sona sibila.
8. Sicishe siqhume (ngenxa) yentukuthelo yaso enkulu, ngasosonke isikhathi uma kuphonswa phakathi kusona iqembu bayobabuza abaqaphi baso (bathi) " akuzange yini kufike kunina umxwayisi (isithunywa sikaMvelinqangi)?
9. Bayothi, "yebo ngempela wafika kuthina umxwayisi manjalo samphika sabe sesithi uMvelinqangi akazange ehlisele lutho

phansi (eyisambulo) nina (anisho lutho) ngaphandle kokuthi nisekudukeni okukhulu.

10. Futhi bayothi, "ukube sasilalela noma sasinomqondo sasingeke sibe sezihlalini zomlilo ovuthayo.
11. Manjalo bayozivuma izono zabo, ngakho-ke azibe kude le izihlali zomlilo ovuthayo.
12. Ngempela labo abesaba iNkosi yabo esithe okwabo yintethelelo kanye nomvuzo omkhulu.
13. Futhi yifihleni inkulumo yenu noma niyiveze, ngempela yena uyisazi saloko okusezifubeni.
14. Ngakube (u-Allah) akamazi yini lowo owadala? Kanti yena (uMvelinqangi) umnene ungamele (zonke izinto).

***Isigaba sesibili (2)***

15. Yena uyilowo owanenzela umhlaba ukuthi uthobe, ngakho-ke hambani ezindleleni zawo futhi nidle esabelweni sakhe futhi kukuyena (uMvelinqangi) ukuvuswa kwabafileyo.
16. Ngakube nizizwa niphephile yini kulowo osezulwini ukuthi angeke enze umhlaba unigwinye kulapho wona uzamazama.
17. Noma nizizwa niphephile yini kulowo osezulwini ukuthi angeke athumele kunina isivunguvungu somoya onamatshe bese niyazi ukuthi sinjani isexwayiso.
18. Futhi ngempela baphika labo ababengaphambilini kwabo, manjalo (bheka) ukuthi sasisibi kanjami isijeziso sami.
19. Abaziboni yini izinyoni ngaphezulu kwabo zivula amaphiko (kwesinye isikhathi) ziyawavala, akekho ozibambayo ngaphandle konomusa, ngempela yena zonke izinto uyazibona.
20. Ngakube ngubani lona oyibutho lempi yenu, onilekelelayo ngaphandle konomusa? Ngempela abangakholwa (abekho kwenye indawo) ngaphandle kokuba senkohlisweni.
21. Ngakube ngubani lona onabelayo uma esigodla isabelo sakhe? Kepha baqhubeka nokuqhosha nokubalekela (iqiniso).

22. Ngakube lowo ohamba ehuduleka ngobuso bakhe ungoholwe kangcono noma yilowo ohamba ngqo endleleni eqondile?
23. Ithi, "yena uyilowo owaniveza wanenzela ukuzwa (amadlebe) namehlo kanye nezinhliziyo kuncane lokho enikubongayo"
24. Ithi, yena uyilowo owanidala emhlabeni futhi ikuyena lapho niyoqoqelwa khona.
25. Futhi bathi, "siyofika nini lesisithembiso uma kungukuthi nina ningabaneqiniso".
26. Ithi, "kuphela ulwazi lukuMvelinqangi nokuthi kuphela mina ngingumxwayisi ocacile".
27. Kepha uma sebesibona (isijeziso ababexwayiswe ngaso) siseduze ubuso balabo abangakholwanga bube lusizi futhi kuyothiwa, "naku lokhu enanikumema (isijeziso enanixwayiswe ngaso)".
28. Ithi, "ngakube nicabangile uma uMvelinqangi engibhubhisa kanye nalabo abakanye nami noma ebanomusa kuthina, ngakho-ke ngubani ozosindisa abangakholwa esijezisweni esibuhlungu?
29. Ithi, "yena ungonomusa siyakholwa kuyena futhi sethembele kuyena ngakho-ke nizokwazi ukuthi ngubani osephutheni (osekudukeni) okusobala".
30. Ithi, "ngakube nicabangile uma amanzi enu ezika (emhlabeni) ngakube ngubani onganilethela amanzi agelezayo na?"

# (68)
# Al-Qalam – Ipeni

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Nun, ngifunga ngepeni kanye naloko ezikubhalayo (izingelosi).
2. Wena, ngomusa weNkosi yakho awuhlanyi.
3. Futhi ngempela okwakho ngumvuzo ongabalwa (ongapheli).
4. Futhi ngempela wena uyisimo esiphakeme (esisezingeni eliphezulu).
5. Ngakho-ke uzobona futhi (nabo) bazobona.
6. Ukuthi ngubani owenu ohlushwe ngokuhlanya.
7. Ngempela iNkosi yakho, yona yazi kangcono ngalowo odukile endleleni yayo futhi yona yazi kangcono ngabaholeleke (endleleni eqondile).
8. Ngakho-ke ungabahloniphi abaphika (iqiniso).
9. Bafisa ukuthi uthambe ukuze bathambe.
10. Futhi ungamhloniphi lowo ofunga ngamanga ojabhisiwe.
11. Inhlebi ehamba ngokuhleba (ixabanisa abantu).
12. Umvimbeli wokuhle, isaphulamthetho, isoni.
13. Unya, ngale kwalokho ukutholwa (komuntu ongesiyena owaleso sibongo).
14. Ngenxa yokuthi unengcebo nabantwana.
15. Uma efundelwa amavesi ethu uthi, "izinganekwane zabasendulo".
16. Siyombeka uphawu ekhaleni.
17. Ngempela sabalinga njengoba sazilinga izihlali zesivande (zasezulwini) ngenkathi zifunga ukuthi zizokha izithelo zaso ekuseni.
18. Futhi abasho ukuthi uma uMvelinqangi ethanda.

19. Ngakho-ke kwafika kuyona (ingadi) inhlupheko (isijeziso) esivela eNkosini yakho kulapho bona belele.
20. Ngakho-ke ekuseni (ingadi) yaba sengathi ubusuku obumnyama.
21. Base bebizana ekuseni.
22. (Bethi), "iyani ensimini (esivandeni) senu ekuseni uma nifuna ukukha (izithelo).
23. Ngakho-ke bahamba kulapho bona beswebeza (bekhulumela phansi).
24. Ukuthi angabibikho kunina umuntu ompofu ongena kusona namhlanje.
25. Futhi bahamba ekuseni ngomfutho (benamandla) becabanga ukuthi bazokwazi ukwenza.
26. Ngakho-ke kwathi lapho sebesibona bathi, "ngempela sidukile".
27. Kepha thina singababaphuciweyo.
28. Wathi ongcono kunababo, "angizange yini ngisho kunina (ukuthi) kungani ningamdumisanga (uMvelinqangi).
29. Bathi, "udumo malube eNkosini yethu! Ngempela sasingabenzi bokubi".
30. Ngakho-ke abanye babo baphendukela kwabanye besolana.
31. Bathi, "Oh usizi kuthina! Ngempela sasephula umthetho (sasiyizoni)".
32. Mhlawumbe iNkosi yethu izosishintshela ngokungcono kunako, ngempela iseNkosini yethu lapho sifisa khona.
33. Sinjalo isijeziso, futhi ngempela isijeziso sempilo ezayo sikhulu kakhulu ukube benazi.

***Isigaba sesibili (2)***

34. Ngempela okwabalungileyo eNkosini yabo yizivande zenjabulo.

35. Ngakube senza amamuslimu njengezigebengu na?
36. Kwenzenjani ngani, nehlulela kanjani?
37. Noma ninencwadi enifunda kuyona?
38. Ngempela okwenu kuyona yiloko enikukhethayo.
39. Noma okwenu yizifungo ezivela kuthina ezifinyelela osukwini lokuvuka kwabafileyo, ngempela okwenu yilokhu enikwehlulelayo.
40. Babuze ukuthi ngubani owabo ozokumela loko.
41. Noma ngakube okwabo ngabahlanganyeli? Ngakho-ke abeze nabahlanganyeli babo uma kungukuthi baneqiniso.
42. Ngosuku lapho umbala uyokwembulwa futhi bayobizelwa ekulaleni phansi bese bengakwazi (ukukwenza lokho).
43. Amehlo abo ayothotshiswa, ukudumazeka kuyobamboza futhi babemenyelwa ekuguqeni (ekuzithobeni) kulapho bona besesimweni esihle.
44. Ngakho-ke ngiyekeni kanye nalabo abaphika lenkulumo siyobaholela (esijezisweni) lapho bengazi khona.
45. Futhi ngibanike ithuba, ngempela isu lami linamandla.
46. Noma ngakube ubacela umvuzo ukuze bona basindwe yisikweletu na?
47. Noma ngakube banokungabonwayo ukuze bona bakubhale phansi na?
48. Ngakho-ke bekezela isehlulelo seNkosi yakho futhi ungabi njengomngane wenhlanzi ngenkathi ememeza kulapho yena ewusizi.
49. Ukube awuzange ufinyelele kuyena umusa ovela eNkosini yakhe wayezophonswa ehlazekile.
50. Ngakho-ke yamkhetha iNkosi yakhe yabe seyimbeka waba ngomunye wabalungileyo.
51. Futhi labo abangakholwa bacishe bakwenze ukhubeke ngamehlo abo, uma bezwa isikhumbuzo futhi bathi ngempela wena uyahlanya.

# (69)
# Al-Haqqa– Iqiniso elingenakuphikiswa

**Isigaba sokuqala (1)**

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Iqiniso elingenakuphikiswa.
2. Yini iqiniso elingenakuphikiswa na?
3. Futhi yini ekwenza wazi ukuthi yini iqiniso elingenakuphikiswa?
4. (Abantu) baThamud naba-A'd basiphika isehlakalo.
5. Mayelana (nabantu) baThamud babhujiswa ngomsindo owesabekayo.
6. Futhi mayelana (nabantu) ba-A'd babhujiswa ngomoya obandayo, ovunguzayo.
7. Wawenza kubona waba ubusuku obuyisikhombisa nezinsuku eziyisishiyagalombili ezilandelanayo manjalo ubone abantu beholokohleka phansi okusengathi bona bayiziqu zemithi yesundu.
8. Ngakube uyayibona yini insalela yabo na?
9. Futhi kwafika uFaro kanye nalabo ababengaphambilini kwakhe kanye namadolobha achithiweyo (agumbukuqiwe) ngokona.
10. Futhi abazange basihloniphe isithunywa seNkosi yabo ngakho-ke yababamba ngokubamba okukhulu okubuhlungu.
11. Ngempela, ngenkathi amanzi ephophoza ephakama sanithwala emkhunjini.
12. Ukuze sinenzele wona (umkhumbi kaNowa) ubeyisikhumbuzo futhi (lokho) kuzwiwe yindlebe ezwayo.
13. Manjalo uma sekushawa icilongo ukushawa (ukufuthwa) okukodwa.
14. Futhi kuyothwala umhlaba nezintaba bese kubhidlizwa ngokubhidlizwa okukodwa.

15. Ngalolosuku siyokwenzeka isigameko.
16. Futhi isibhakabhaka siyodabuka phakathi ngakho-ke sona ngalolosuku siyobantengentenge.
17. Futhi izingelosi ziyokuba semaceleni azo, futhi izingelosi eziyisishiyagalombili ngalolosuku ziyothwala isihlalo sobukhosi seNkosi yakho ngaphezulu kwazo.
18. Ngalolosuku niyolethwa, ayikho imfihlo yenu eyofihlwa.
19. Manjalo lowo onikezwe incwadi yakhe esandleni sakhe sokudla bese ethi yifundeni incwadi yami.
20. Ngempela mina bengazi ukuthi ngiyohlangana nokubalelwa kwami.
21. Ngakho-ke uyokuba sempilweni yenjabulo.
22. Esivandeni esiphakeme.
23. Izithelo zaso ziyokuba seduzane.
24. Yidlani futhi niphuze ngentokozo ngenxa yalokho enakuthumela ngaphambili ezinsukwini ezedlulayo.
25. Futhi mayelana nalowo onikwa incwadi yakhe esandleni sakhe sobunxele bese ethi, "Oh ngifisa sengathi angizange nginikwe incwadi yami".
26. Nokuthi angizange ngazi ukuthi kuyini ukubalelwa kwami (ukwahlulelwa kwami).
27. Ngifisa sengathi kona (ukufa) bekuyisiphetho.
28. Awungisizi ngalutho umnotho wami.
29. Libhubhile (lisukile) kumina igunya lami.
30. Mbambeni nimbophe ngeketango".
31. Bese nimshise esihogweni.
32. Bese nimbophela eketangweni ubude balo obungangemikhono engamashumi ayisikhombisa.
33. Ngempela yena wayengakholelwa kuMvelinqangi omkhulu.
34. Futhi akazange agqugquzele ekondleni ompofu.
35. Ngakho-ke namuhla akanaye umngane lapho.
36. Futhi akukho ukudla ngaphandle kokuphuma ezilondeni (uma kugezwa izilonda).

37. Akekho ozokudla (lokho) ngaphandle kwezoni.

***Isigaba sesibili (2)***

38. Ngifunga ngalokho enikubonayo.
39. Nalokho eningakuboni.
40. Ngempela kona kuyinkulumo yesithunywa esihloniphekile.
41. Futhi kona akusiyona inkulumo yembongi, kuncane lokho enikukholwayo.
42. Futhi akusiyona inkulumo yesangoma, kuncane lokho enikukhumbulayo.
43. Yisambulo esivela eNkosini yemihlaba.
44. Futhi ukube bewuziqambile ezinye izinkulumo mayelana nathi.
45. Ngempela besizombamba ngesandla sokunene.
46. Bese, ngempela besizonquma kuyena umthambo.
47. Futhi akekho noyedwa wenu ongakuvimba (lokho) kuyena.
48. Futhi ngempela yona (iQur’an) iyisikhumbuzo kwabalungileyo.
49. Futhi ngempela siyazi ukuthi phakathi kwenu kunabaphika (ukholo).
50. Futhi ngempela kuyoba wusizi kwabangakholwa.
51. Futhi ngempela kona kuyiqiniso langempela.
52. Ngakho-ke dumisa igama leNkosi yakho enkulu.

# (70)
# Al-Maa'rij – Izindlela ezenyukayo

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Wabuza umbuzi mayelana nesijeziso esizokwenzeka.
2. Kwabangakholwa – akekho umvimbi waso.
3. Sivela kuMvelinqangi umnikazi wezindlela ezenyukayo.
4. Zenyukela kuyena izingelosi kanye nomoya ngosuku isilinganiso salo esiyizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu zeminyaka.
5. Ngakho-ke bekezela ukubekezela kuhle.
6. Ngempela bona bakubona kukude.
7. Kepha sikubona (lokho) kuseduzane.
8. Ngosuku lapho isibhakabhaka siyoba njengethusi elincibilikayo (noma njengensalela yamafutha).
9. Futhi izintaba ziyoba njengovolo (angeke zehlukaniseke).
10. Futhi akekho umngane oyobuza (omunye) umngane.
11. Bayokwenziwa ukuthi babonane, isigebengu (onecala) uyofisa ukuthi azihlenge esijezisweni salolosuku ngezingane zakhe.
12. Kanye nonkosikazi wakhe nomfowabo.
13. Kanye nesihlobo esiseduze okuyisona esamvikela.
14. Kanye nabobonke abasemhlabeni bese kuyamsindisa.
15. Lutho! Ngempela kona kungumlilo wesihogo.
16. (Umlilo wesihogo) ususa isikhumba (kuze kungasali lutho).
17. Umeme (bonke) labo ababefulathelisa imihlane (yabo) futhi bafulathela (endleleni eqondile).
18. Futhi aqoqe (ingcebo) bese eyayigodla.
19. Ngempela umuntu wadalwa wangabi nokubekezela.
20. Uma ethintwa okubi akabekezeli.
21. Futhi uma ethintwa okuhle uyancishana.

22. Ngaphandle kwabathandazayo.
23. Labo abasemthandazweni wabo njalo.
24. Kanye nalabo emnothweni wabo ekunelungelo elaziwayo.
25. Lesicelo kanye nonqatshelwe.
26. Kanye nalabo abakholelwa osukwini lokwahlulelwa.
27. Kanye nalabo abesaba isijeziso seNkosi yabo.
28. Ngempela isijeziso seNkosi yabo akusona abazizwa bephephile kusona.
29. Kanye nalabo abalondoloza izitho zabo zangasese.
30. Ngaphandle kumakhosikazi abo noma labo abasezandleni zabo zokunene, ngakho-ke ngempela bona abasibona bokusolwa.
31. Ngakho-ke noma ngabe ngobani abafisa okungale kwaloko manjalo labo, bona bephula umthetho.
32. Nalabo, bona abakugcinayo loko abathenjwe ngako kanye nesivumelwano.
33. Kanye nalabo, bona abama baqine ebufakazini babo.
34. Kanye nalabo, bona abagcina umthandazo wabo.
35. Labo bayokuba sezivandeni behloniphekile.

***Isigaba sesibili (2)***

36. Ngakho-ke kwenziwa yini ukuthi labo abangakholwanga bajahe ngaphambili kwakho.
37. Ngakwesokunene nangakwesobunxele isixuku sabantu.
38. Ngakube wonke umuntu phakathi kwabo ufisa ukungena esivandeni senjabulo?
39. Lutho! Ngempela sabadala ngalokho abakwaziyo.
40. Manjalo ngifunga ngeNkosi yezimpumalanga nezintshonalanga, ukuthi ngempela siyakwazi ukwenza.
41. Ukuthi sibashintshe ngabangcono kunabo futhi thina asibona abokushiywa.

42. Ngakho-ke bayeke bagxambuze enkulumweni eyize futhi badlale kuze kube bayahlangana ngosuku lwabo lolo abathenjiswa lona.
43. Ngosuku abayophuma ngalo emathuneni ngokushesha, okusengathi bona bajahe esithixweni.
44. Amehlo abo athotshisiwe ukudumazeka kuyobamboza, lolo wusuku ababethenjiswe lona.

# (71)
# Nuh – uNowa

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngempela samthumela uNowa ebantwini bakhe (sathi) xwayisa abantu bakho ngaphambi kokuba sifike kubona isijeziso esibuhlungu.
2. Wathi, "Oh Bantu bami! Ngempela mina kunina ngingumxwayisi ocacile".
3. Ukuthi nikhonze uMvelinqangi futhi nimesabe futhi ningihloniphe.
4. Uyonithethelela izono zenu bese eninika ithuba kuze kube yisikhathi esinqunyiwe, ngempela isikhathi sikaMvelinqangi uma sifika angeke sihlehliswe ukube benazi.
5. Wathi, "Nkosi yami ngempela ngibamemile abantu bami ubusuku nemini".
6. Kepha akuzange kubanezelele (ngalutho) ukubamema kwami ngaphandle kokubaleka.
7. Futhi ngempela, ngasosonke isikhathi uma ngibamema ukuze ubathethelele babeka iminwe yabo emadlebeni abo futhi bazimboze ngezingubo zabo futhi babelesela, futhi beqholosha ngokuqholosha okukhulu.
8. Bese ngempela mina ngibabiza ngaphambili kwabo bonke abantu.
9. Bese ngempela mina ngamemezela kubona futhi (ngakhuluma) nabo kwabayimfihlo esithe.
10. Ngakho-ke ngathi celani intethelelo yeNkosi yenu, ngempela yona ngasosonke isikhathi iyathethelela.
11. Iyokwehlisela isibhakabhaka (imvula) phezulu kwenu iphophoza.

12. Futhi inandisele engcebweni nasezinganeni bese inenzele izivande futhi inenzele imifula.
13. Kungani ngani ukuthi ningathembeli ebukhulwini obuvela kuMvelinqangi
14. Kulapho (uMvelinqangi) anidala izigaba ezehlukene.
15. Aniboni yini ukuthi wawadala kanjani uMvelinqangi amazulu ayisikhombisa elinye phezulu kwelinye.
16. Futhi wabeka inyanga kuwona yaba ukukhanya, futhi wabeka ilanga labayisibani.
17. Futhi uMvelinqangi wanikhulisa emhlabeni ngokukhula.
18. Bese enibuyisela kuwona (umhlaba) futhi anikhiphe.
19. Futhi uMvelinqangi wanenzela umhlaba wandlaleka.
20. Ukuze nihambe kuwona ezindleleni ezibanzi.

***Isigaba sesibili (2)***

21. UNowa wathi, "Nkosi yami ngempela bona abangihloniphanga balandela lowo eyingamnezeleli (ngalutho) ingcebo yakhe nezingane zakhe ngaphandle kokulahlekelwa"
22. Futhi benza icebo, icebo elikhulu.
23. Futhi bathi, "ningabashiyi onkulunkulu benu (izithixo zenu) futhi ningamshiyi uwadd noma usuwa'a noma uyaghuth noma uya'uq no nasr".
24. Futhi ngempela badukisa abaningi futhi akuzinezezeli (ngalutho) izoni ngaphandle kokuduka.
25. Ngenxa yezono zabo baminziswa base bengeniswa emlilweni ngakho-ke bangazitholeli abalekeleli ngaphandle kukaMvelinqangi.
26. Futhi uNowa wathi, "ungazishiyi emhlabeni izihlali ezingakholwa".
27. Ngempela wena uma ubashiya baphambukisa izinceku zakho futhi angeke bazale (lutho) ngaphandle kwesoni esingakholwa.

28. Nkosi yami ngithethelele kanye nabazali bami kanye nalowo ongena endlini yami eyikholwa kanye namakholwa esilisa namakholwa esifazane futhi akubanezeleli (ngalutho) abayizoni ngaphandle kokubhubha.

# (72) Al-Jinn – amajinn

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ithi, "kwambulwa kumina ukuthi lilalele iqembu lamajinn ngakho-ke lathi ngempela siyizwile iQur'an emangalisayo.
2. Eholela endleleni elungile ngakho-ke sikholelwe kuyona futhi asisoze senzele iNkosi yethu namuntu umhlanganyeli ekuyikhonzeni.
3. Futhi yona, abuphakanyiswe ubukhulu beNkosi yethu ayizange ithathe unkosikazi nendodana.
4. Futhi izithutha phakathi kwethu zazisho ngoMvelinqangi okubi kakhulu (ukungahloniphi).
5. Futhi sasicabanga ukuthi abantu namajinn abasoze bamqambele uMvelinqangi amanga.
6. Futhi ngasosonke isikhathi amadoda angabantu ayefuna isiphephelo emadodeni angamajinn ngakho-ke babanezelela ngomthwalo (wezono).
7. Futhi bona bacabanga njengoba nanicabanga ukuthi akasoze uMvelinqangi avuse (athumele ngisho) noyedwa.
8. Futhi sasifuna ukufinyelela ezulwini, kepha salifica ligcwaliswe ngabaqaphi abaqatha namalangabi omlilo.
9. Futhi sasijwayele ukuhlala lapho phakathi (sibe) sezimweni zokulalela kepha noma ngabe ngubani olalelayo manje uzozitholela umlilo (ilangabi) elivuthayo.
10. Futhi asazi noma okubi kuqondiswe kulabo abasemhlabeni noma iNkosi yabo ihlose ngabo ukuholeka.
11. Futhi abanye phakathi kwethu bangabalungileyo futhi abanye phakathi kwethu abayikona lokho, sasiyizindlela ezehlukene.

12. Futhi sasicabanga ukuthi asisoze siphunyuke kuMvelinqangi emhlabeni futhi angeke siphunyuke kuyena ngokubaleka.
13. Futhi ngenkathi sizwa ukuholwa sakholelwa kukona, ngakho-ke noma ngabe ngubani okholwa eNkosini yakhe manjalo akesabi ukunciphiselwa noma umthwalo wokwehlulelwa.
14. Futhi phakathi kwethu kunama muslim futhi phakathi kwethu kunabangenabo ubulungiswa ngakho-ke noma ngabe ngubani ozinikelayo ngaphansi kwentando kaMvelinqangi manjalo labo baziqokele indlela elungile.
15. Futhi mayelana nabangenabo ubulungiswa bayoba yizinkuni (yizithungelo) zesihogo.
16. Futhi ukube babezigcine besendleleni ngempela sasizobaphuzisa amanzi amaningi.
17. Ukuze sibalinge lapho futhi noma ngabe ngubani ophambukayo esikhumbuzweni seNkosi yakhe izomngenisa esijezisweni esinzima.
18. Futhi amaMasjid angawaMvelinqangi ngakho-ke ningambizi (omunye) umuntu kanye noMvelinqangi.
19. Futhi ngenkathi isukuma inceku kaMvelinqangi imbiza bacishe basondele kuyona beminyana.

***Isigaba sesibili (2)***

20. Ithi, "kuphela ngibiza iNkosi yami futhi angiyenzeli namuntu umhlanganyeli ekuyikhonzeni".
21. Ithi, "ngempela mina anginalutho olwenu oluwukulimaza noma ukuhola".
22. Ithi, "ngempela mina akekho noyedwa ongivikelayo kuMvelinqangi futhi angisoze ngisithole isiphephelo ngaphandle kwakhe".
23. (Akuyilutho) ngaphandle kombiko ovela kuMvelinqangi nemiyalezo yakhe, futhi noma ngabe ngubani ongamhloniphi

uMvelinqangi nesithunywa sakhe ngakho-ke ngempela okwakhe ngumlilo wesihogo ahlale kuwona ingunaphakade.

24. Kuze kube yilapho sebebona lokho abathenjiswe kona ngakho-ke bayokwazi ukuthi ngubani obuthakathaka kakhulu ngabalekeleli nabancane ngesibalo.

25. Ithi, "angazi noma kuseduze lokho enethenjiswe kona noma iNkosi yami imbekele isikhathi esiqhelile".

26. Isazi sokungabonwa futhi asazisi ngisho noma munye imfihlo yaso.

27. Ngaphandle kwalowo (isazi) esimkhethile ezithunyweni bese senza ukuthi kuhambe ngaphambili kwakhe kanye nangemumva kwakhe umqapheli.

28. Ukuze azi (umqapheli) ukuthi zishumayela imiyalezo yeNkosi yabo futhi isingethe konke lokho okukubona.

# (73)
# Al-Muzzamil – Ozimbozile

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Wena ozimbozile.
2. Vuka ubusuku ngaphandle (kwesikhathi) esincane.
3. Ingxenye yabo (ubusuku) noma unciphise kubona kancane.
4. Noma wenezelele kukona, futhi uyifunde iQur'an ngokufunda okuhle.
5. Ngempela sizophonsa phezulu kwakho inkulumo esindayo.
6. Ngempela ukuvuka ebusuku kona kungcono ekuqondeni (iQur'an) futhi kungcono mayelana nenkulumo (ukuyifunda).
7. Ngempela okwakho emini umsebenzi omkhulu.
8. Futhi khumbula igama leNkosi yakho futhi uzinikele kuyona ngokuzinikela okuphelele.
9. INkosi yempumalanga nentshonalanga ayikho into enokukhonzwa ngaphandle kwayo ngakho-ke yithatheni njengomphathi (wezindaba zenu noma umvikeli).
10. Futhi bekezela kulokho abakushoyo futhi usuke kubona, ukusuka okuhle.
11. Futhi ngiyeke (nabangakholwa) abaphikayo labo abaphila kahle futhi ubanike isikhathi esincane.
12. Ngempela kuthina kunezibopho (amaketango) kanye nomlilo ovuthayo.
13. Kanye nokudla okubindayo nesijeziso esibuhlungu.
14. Ngosuku lapho umhlaba nezintaba kuyonyakaza futhi izintaba ziyoba yizindunduma zenhlabathi ebhidlikayo.
15. Ngempela sathumela kunina isithunywa, ufakazi kunina njengoba sathumela isithunywa kuFaro.

16. Manjalo uFaro akazange asihloniphe isithunywa ngakho-ke samthatha ngokuthatha okubi.
17. Ngakho-ke ningesaba kanjani uma ningakholwa, usuku oluyokwenza ukuthi izingane zibe nezinwele ezimpunga.
18. Izulu liyodabuka phakathi, ngasosonke isikhathi isithembiso sakhe (uMvelinqangi) siyafezeka.
19. Ngempela lokhu yisikhumbuzo, ngakho-ke noma ngabe ngubani othandayo ukuthatha indlela eya eNkosini yakhe.

***Isigaba sesibili (2)***

20. Ngempela iNkosi yakho yazi ukuthi wena uyavuka (isikhathi) esingangezingxenye ezimbili kwezintathu zobusuku noma ingxenye yako noma okuthathu kwako kanye neqembu lalabo abakanye nawe, futhi uMvelinqangi ukala ubusuku nemini, uyazi ukuthi anisoze nakwazi ukwenza lokho, manjalo (uMvelinqangi) waphendukela kunina ngentethelelo ngakho-ke fundani kwi-Qur'an lokho okulula, uyazi ukuthi kuyobakhona phakathi kwenu abagulayo futhi abanye bahamba emhlabeni bafuna umusa kaMvelinqangi futhi abanye bayalwa endleleni kaMvelinqangi, ngakho-ke fundani kuyona (iQur'an) lokho okulula futhi nenze mthandazo futhi nikhokhe izakaah (ingxenye yengcebo ekhokhwa kwabampofu) bese niboleka uMvelinqangi ukuboleka okuhle futhi noma ngabe yini enhle eniyilethela imiphefumulo yenu ngaphambili niyoyithola kuMvelinqangi, yena ungcono futhi mkhulu kakhulu ngomvuzo futhi celani intethelelo kaMvelinqangi, ngempela uMvelinqangi ungothethelelayo onesihawu.

# (74)
# Al'mudathir – owemboziwe

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Oh wena owemboziwe!
2. Vuka uxwayise.
3. Nenkosi yakho uyidumise.
4. Nezingubo zakho uzihlanze.
5. Futhi uqhelelane nesinengiso.
6. Futhi ungenzi umusa ukuze uzuze okuningi.
7. NgeNkosi yakho bekezela.
8. Manjalo uma sekushawa icilongo.
9. Ngakho-ke lolo wusuku kuyoba wusuku olunzima.
10. Kwabangakholwa alulula.
11. Ngiyeke kanye nalowo engamdala ngedwa.
12. Futhi ngambekela ingcebo enkulu.
13. Kanye namadodana (izingane).
14. Futhi ngamenzela (izinto) zabalula.
15. Bese efisa ukuthi nginezelele.
16. Lutho! Ngempela yena uyisitha sezimpawu zethu.
17. Ngiyomphoqa ukuba enyuke.
18. Ngempela yena wacabanga futhi wenza ngenhloso.
19. Ngakho-ke akaqalekiswe (akabhujiswe) wenza kanjani ngenhloso?
20. Bese eqalekiswa (ebhujiswa) wenza kanjani ngenhloso?
21. Wayese eyabheka.
22. Wabe eseyahwaqabala futhi wabheka (kabi).
23. Wayesephindela emumva wazigqaja (waqhosha).
24. Wayesethi, "akuyilutholokhu ngaphandle komlingo wasemandulo".

25. Lokhu akuyilutho ngaphandle kwenkulumo yomuntu.
26. Ngiyomfaka esihogweni.
27. Futhi yini ekwenza wazi ukuthi yini isihogo?
28. (Isihogo) asishiyi lutho futhi asiyeki lutho (ingashile).
29. Sishisa abantu.
30. Phezulu kwaso kuneshumi nesishiyagalolunye.
31. Futhi asizange sibeke abaqaphi bomlilo ngaphandle kwezingelosi futhi asizange sibeke isibalo sazo ngaphandle kwesilingo kulabo abangakholwanga ukuze baqiniseke labo abanikezwa incwadi, futhi banezeleleke enkolweni labo abakholwayo futhi kungabibikho ukungabaza kulabo ababenikezwe incwadi kanye nabakholwayo futhi ukuze labo ezinhliziyweni zabo okunesifo (okunokugula) kanye nabangakholwa bathi, "uqonde ukuthini uMvelinqangi ngalesisibonelo?" Kanjalo uMvelinqangi udukisa lowo amthandayo futhi uhola lowo amthandayo futhi akekho owazi impi (ibutho) leNkosi yakho ngaphandle kwayo futhi kona akuyilutho ngaphandle kwesikhumbuzo kubantu.

***Isigaba sesibili (2)***

32. Lutho kepha ngifunga ngenyanga.
33. Futhi ngifunga ngobusuku ngenkathi buhamba.
34. Futhi ngifunga ngokusa ngenkathi kukhanya.
35. Ngempela kona kowokunye okukhulu kakhulu.
36. Isixwayiso kubantu.
37. Kulowo phakathi kwenu othanda ukuya phambili noma ukusala ngemumva.
38. Yonke imiphefumulo iyovuma ngalokho okusebenzele.
39. Ngaphandle kwabangane bangakwesokunene.
40. Bazobasezivandeni bebuzana.
41. Ngezigebengu (labo abanecala).
42. Yini enilethe esihogweni na?

43. Bayothi, “sasingeyibona balabo abathandazayo”.
44. Futhi sasingabondli abampofu.
45. Futhi sasikhuluma izinkulumo eziyize kanye nabakhulumi beze.
46. Futhi sasiluphika usuku lokuhlawula.
47. Kwaze kwaba yilapho sifikelwa ukuqiniseka (ukufa).
48. Ngakho-ke akubasizi ngalutho ukuncenga kwabancengeli.
49. Ngakho-ke kungani ngabo befulathela isikhumbuzo.
50. Okusengathi bona bayizimbongolo zasendle.
51. Zibalekela ibhubesi (noma umzingeli).
52. Kepha! Lowo nalowo muntu kubona ufisa ukuthi anikezwe amakhasi avuliwe.
53. Lutho! Kepha abayesabi impilo ezayo.
54. Lutho! Ngempela yona iQur’an iyisikhumbuzo.
55. Ngakho-ke noma ngabe ngubani othandayo akayikhumbule.
56. Futhi abakhumbuli ngaphandle kokuba uma ethanda
57. uMvelinqangi, yena ufanelwe ukwesatshwa futhi ufanelwe ukuthethelela.

# (75)
# Al-Qiyama– ukuvuka (kwabafileyo)

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngifunga ngosuku lokuvuka kwabafileyo.
2. Futhi ngifunga ngomphefumulo ozisolayo (ozithibayo).
3. Ngakube umuntu uyacabanga ukuthi angeke siwahlanganise amathambo akhe?
4. Yebo siyakwazi ukuhlanganisa izihloko zeminwe yakho ngendlela enhle.
5. Kepha umuntu uthanda ukuthi aqhubeke nokona (enze izono).
6. Uyabuza ukuthi luyofika nini usuku lokuvuka kwabafileyo?
7. Ngenkathi kuxhopheka ukubona.
8. Futhi inyanga iyonyamalala (iyofiphala).
9. Futhi kuyohlanganiswa ilanga nenyanga.
10. Ngalolosuku umuntu uyothi, "ikuphi (indawo) yokubalekela?"
11. Lutho! Asikho isiphephelo.
12. YiseNkosini yakho ngalolosuku lapho kuyoba yindawo yokuhlala (yokuphumula).
13. Uyotshenwa umuntu ngalolosuku ngalokho akuthumela ngaphambili nakushiya ngaphambili.
14. Kepha umuntu uyoba ufakazi obhekene naye.
15. Ngisho noma ngabe ebeka izizathu zakhe.
16. Ungalunyakazisi ngalo (iQuran) ulimi lwakho ukuze usheshise ngayo.
17. Ngempela (umthwalo) ophezulu kwethu ukuyihlanganisa kanye nokufundwa kwayo.
18. Ngakho-ke ngenkathi siyifunda manjalo landela ukufundwa kwayo.

19. Bese ngempela (umthwalo) ophezulu kwethu ukuchazwa kwayo.
20. Lutho! Kepha nithanda impilo esheshayo.
21. Futhi niyeka impilo ezayo.
22. Ubuso ngalolosuku buyokhazimula.
23. Bebheke eNkosini yabo.
24. Futhi obunye ubuso ngalolosuku buyohwaqabala.
25. Becabanga ukuthi bangase behlelwe yisehlo.
26. Lutho! Ngenkathi kufinyelela engqwababeni.
27. Futhi kuyothiwa, "ubani ozosindisa.
28. Futhi uyocabanga ukuthi ukwehlikana.
29. Futhi umlenze uyohlangana nomunye umlenze.
30. Ngalolosuku kuseNkosini ukuqhutshwa.

***Isigaba sesibili (2)***

31. Akazange akholwe futhi akazange athandaze.
32. Kepha waphika futhi wafulathela (emfundisweni).
33. Wayesehamba eya kubantu bakhe (eziqhenya).
34. Usizi kuwena usizi.
35. Bese (kuba) usizi kuwena, usizi.
36. Ngakube umuntu ucabanga ukuthi uzoyekwa evinjiwe?
37. Wayengesilona yini iconsi lesidoda?
38. Wayeseba yihlule legazi ngakho-ke (uMvelinqangi) wadala (ubuyena) walinganisa (ubuyena).
39. Wayesenza ngaye okubili isilisa nesifazane.
40. Akuyena yini okwazi (unamandla) okuvusa abafile.

# (76)
# Ad-Dahr – Isikhathi (al'insan – umuntu)

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngempela ngakube safika yini kumuntu isikhathi lapho ayengeyilutho engacatshangwa.
2. Ngempela thina samdala umuntu ngesidoda esihlangene (sowesilisa nowesifazane) samlinga sabe sesimenzela ukuzwa nokubona.
3. Ngempela thina samholela endleleni ukuze abe ngobongayo noma ongabongi.
4. Ngempela sabalungiselela abangakholwa amaketango namakhamandela nomlilo.
5. Ngempela abalungile bayophuzela enkomishini (yewayini) elihlanganiswe namakha.
6. Umthombo okuyophuza khona izinceku zikaMvelinqangi, ziyowenza ukuthi uphophoze ukuphophoza okuhle.
7. Bafeza izifungo futhi besaba usuku ububi balo oluyokwanda (yonke indawo).
8. Futhi banikeza kanti bayakuthanda loko kudla, ngendlela athanda ngayo osweleyo nentandane kanye nesiqgila.
9. Futhi bethi sinondlela ubuso bukaMvelinqangi – asiwufuni kunina umvuzo noma ukubongwa.
10. Ngempela siyesaba eNkosini yethu usuku olulukhuni olunzima.
11. Manjalo uyobasindisa uMvelinqangi ebubini balolosuku, futhi uyokwenza ukuthi bahlangane nobucwazicwazi kanye nenjabulo.
12. Futhi uyobanika umvuzo ngokubekezela kwabo ngesivande kanye nosilika.

13. Bephumulile lapho kusona (isivande) emibhedeni yokucambalala emini, phakathi abaliboni ilanga noma ukubanda okukhulu.
14. Futhi eduzane ngaphezulu kwabo imithunzi yaso (isivande) futhi izithelo zaso ziyolengiselwa eduze kakhulu (ukuze bazithole kalula).
15. Futhi kuyojikeleziswa kubona izitsha zesiliva kanye nezinkomishi zengilazi.
16. Izingilazi (ezenziwe) ngesiliva, ukwenziwa kwazo okulinganisiwe.
17. Futhi bayophuziswa lapho phakathi enkomishini (yewayini) inhlanganisela yayo yijinja.
18. Umthombo lapho phakathi (esivandeni) obizwa ngokuthi isalsabil.
19. Futhi bayojikeleza phakathi kwabo abafana bangunaphakade, uma ubabona ucabanga ukuthi bawubuhlalu obuhlakazekile.
20. Futhi uma ubheka (esivandeni ezulwini) uzobona injabulo nombuso omkhulu.
21. Phezulu kwabo kuyokuba yizingubo zikasilika ezicolisisekile eziluhlaza nendwangu ehlotshiswe ngokugqamile futhi bayohlotshiswa ngamabhengela esiliva futhi iNkosi yabo iyobaphuzisa isiphuzo esihlanzayo.
22. Ngempela lona ngumvuzo wenu futhi ukuzama (ukuzabalaza) kwenu kuyobongeka (kwamukeleke).

***Isigaba sesibili (2)***

23. Ngempela thina sayembula kuwena iQur'an kancane kancane.
24. Ngakho-ke bekezelela umthetho weNkosi yakho futhi ungamhloniphi phakathi kwabo oyisoni noma ongakholwa.
25. Futhi khumbula igama leNkosi yakho (thandaza) ekuseni nakusihlwa.

26. Kanye nasebusuku uyikhothamele (uyiguqele) futhi uyidumise ubusuku obude.
27. Ngempela laba bathanda okwamanje (impilo yalomhlaba) bashiya ngemumva kwabo usuku olunzima.
28. Thina sabadala saqinisa isimo sabo futhi uma sithanda singabashintsha ngabafana nabo ukubashintsha okuphelele.
29. Ngempela lokhu yisikhumbuzo, ngakho-ke noma ngabe ngubani othandayo akathathe indlela eya eNkosini yakhe.
30. Futhi angeke nithande ngaphandle kokuba uma ethanda uMvelinqangi, ngempela uMvelinqangi ngasosonke isikhathi uyisazi unobuhlakani.
31. Ungenisa lowo amthandayo emseni wakhe futhi izoni wazilungiselela isijeziso esibuhlungu.

# (77)
# Al-Mursalat – lezo zinto ezithunyelwe ngaphambili

## *Isigaba sokuqala (1)*

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngifunga ngokuthunyelwe ngokudedelana.
2. Ngifunga nangemimoya evunguza ngodlame.
3. Ngifunga kanye nemimoya esakazayo.
4. Ngifunga nangomoya osakazayo.
5. Ngifunga nangemimoya ekhumbuzayo.
6. Izaba noma ukuxwayisa.
7. Ngempela lokho enethenjiswa kona kuzokwenzeka.
8. Khumbula lapho izinkanyezi zifiphaliswa (ukukhanya kwazo).
9. Futhi khumbula ngenkathi izulu lidatshulwa phakathi.
10. Futhi khumbula ngenkathi izintaba zisuswa.
11. Khumbula nangenkathi izithunywa ziqoqwa ngesikhathi (esibekiwe).
12. Kuhlehliselwe luphi usuku.
13. Usuku lokwahlulela.
14. Futhi yini ekwenza ukuthi wazi ukuthi luyini usuku lokwahlulela?
15. Usizi ngalolosuku kwabaphika (iqiniso).
16. Asizange yini sibabhubhise abasendulo?
17. Bese sibalandelanise ngabokugcina.
18. Senza kanjalo ngezigebengu (labo abanecala).
19. Usizi ngalolosuku kwabaphikayo.
20. Asizange yini sinidale ngamanzi anyanyekayo?
21. Ngakho-ke sawabeka endaweni ephephile.
22. Kuze kube yisikhathi esaziwayo.
23. Ngakho-ke sanquma futhi singabanqumi abahle kakhulu.

24. Usizi ngalolosuku kwabaphikayo.
25. Asizange yini siwenze umhlaba ukuthi ube wumbuthela (kuwo na)?
26. Okuphilayo nokufileyo.
27. Futhi sabeka kuwona izintaba eziphakeme futhi saniphuzisa amanzi amtoti.
28. Usizi ngalolosuku kwabaphikayo.
29. Hambani niye kulokho enanikuphika.
30. Hambani niye ethunzini elinezigaba ezintathu.
31. Alikho ithunzi (alisithi ithunzi) futhi alisizi ekubhekaneni nelangabi (lomlilo).
32. Ngempela lona likhipha izinhlansi (ezinkulu) njengendlu enkulu eyinqaba.
33. Okusengathi ngamakameli aphuzi.
34. Usizi ngalolosuku kwabaphikayo.
35. Lolu wusuku abayobe bengakhulumi ngalo.
36. Futhi angeke banikezwe imvume yokuthi benze izaba.
37. Usizi ngalolosuku kwabaphikayo.
38. Lolu wusuku lokwahlulela, siniqoqile kanye nabasendulu.
39. Ngakho-ke uma ninecebo lenzeni ukubhekana nami.
40. Usizi ngalolosuku kwabaphikayo.

***Isigaba sesibili (2)***

41. Ngempela abesabayo (abalungileyo) basemithunzini nasemithonjeni.
42. Nasezithelweni kulezo abazifisayo.
43. Yidlani futhi niphuze (ngokuzanelisa) nangentokozo ngenxa yalokho enanikwenza.
44. Ngempela, kanjalo sibanika umvuzo abenzi bokuhle.
45. Usizi ngalolosuku kwabaphikayo.
46. Yidlani nizithokozise okwesikhashana ngempela nina niyizigebengu.

47. Usizi ngalolosuku kwabaphikayo.
48. Futhi uma kuthiwa kubona, "khothamani" abakhothami.
49. Usizi ngalolosuku kwabaphikayo.
50. Ngakho-ke iyiphi inkulumo abayoyikholwa emva kwayo.

INGXENYE 30

# (78)
# An-Naba – izindaba

***Isigaba sesibili (2)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Babuzana ngani na?
2. Ngezindaba ezinkulu.
3. Lezo bona abaphikisana ngazo.
4. Lutho! Bayokwazi.
5. Lutho! Futhi bayokwazi.
6. Asizange yini siwenze umhlaba ube umbhede (indawo yokuphumula) na?
7. Kanye nezintaba zaba yizikhonkwane (ezibanjwe umhlaba).
8. Futhi sanidala ngambili (isilisa nesifazane).
9. Futhi sakwenza ukulala kwenu kwaba ukuphumula.
10. Futhi sabenza ubusuku babayisembozo.
11. Futhi sayenza imini yaba ngeyokuhamba (ukuze kusetshenzwe).
12. Futhi sakha phezulu kwenu okuyisikhombisa okuqatha.
13. Futhi sabeka isibani esikhanyayo.
14. Futhi sehlisela phansi amanzi aphophozayo avela amafini.
15. Ukuze siveze ngawo uhlamvu nokumilayo (izihlahla notshani).
16. Kanye nezivande ezinhle.
17. Ngempela usuku lokwahlulela yisikhathi esinqunyiwe.
18. Usuku okuyoshawa ngalo icilongo bese niyeza niyizixuku.
19. Futhi liyovulwa izulu bese kuba yiminyango.
20. Futhi izintaba ziyosuswa futhi zibe yinkohliso.
21. Futhi isihogo ngasosonke isikhathi silindile.
22. (Isihogo) yindawo yokuhlala yabaphula umthetho.
23. Bayohlala phakathi kusona ingunaphakade.
24. Angeke bazwe phakathi kusona ukubanda futhi angeke (zithole) ukuphuza.

25. Ngaphandle kwamanzi abilayo nobovu.
26. Umvuzo ofanele.
27. Ngempela bona babengakulindele ukubalelwa (ukwehlulelwa).
28. Futhi babewaphika ngempela amavesi kaMvelinqangi.
29. Futhi zonke izinto sazibhala encwadini.
30. Ngakho-ke yizwani, manjalo angeke sininezelele ngalutho ngaphandle kwesijeziso.

***Isigaba sesibili (2)***

31. Ngempela okwabalungileyo (abamesabayo uMvelinqangi) okwabo yimpumelelo.
32. Izivande kanye namagilebhisi.
33. Nezintombi ezinhle ezakhiwe kahle ezilinganayo ngeminyaka
34. Nenkomishi echichimayo.
35. Lapho phakathi abayizwa inkulumo eyize noma amanga.
36. Umvuzo ovela eNkosini yakho, isipho esibaliwe.
37. INkosi yamazulu nomhlaba kanye nakho konke okuphakathi kwako kokubili (iNkosi) enomusa, abangakwazi ukukhuluma nayo.
38. Ngosuku lapho uGabriyeli nezingelosi kuyokuma ngabolayini, angeke bakhulume ngaphandle kwalowo ovunyelwe (uMvelinqangi) onomusa futhi akhulume okulungile.
39. Lolo wusuku lwangempela, manjalo noma ngabe ngubani othanda ukuthatha isiphephelo eNkosini yakhe.
40. Ngempela sanixwayisa ngesijeziso esiseduze, usuku lapho umuntu eyobona lokho okuthunyelwe ngaphambili yizandla zakhe futhi bayothi abangakholwa "Oh ngifisa sengathi ngangiwuthuli".

# (79)
# An-Nazi'at – lokho okukhiphayo

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngifunga ngokukhiphayo okucwilisayo.
2. Ngifunga ngokukhipha ngobumnene.
3. Ngifunga ngokubhukudayo, ngokubhukuda ngokushesha.
4. Ngifunga ngokuncintisanayo ngokushesha.
5. Ngokwenza icebo odabeni.
6. Usuku okuyokhala ngalo (icilongo) kunyakaze umhlaba.
7. Kuyolandelwa okukhala kwecilongo kwesibili.
8. Izinhliziyo ngalolosuku ziyoqhaqhazela.
9. Ukubuka kwabo kuyojabhiswa.
10. Bathi, "ngakube ngempela siyobuyiselwa yini esimweni sokuqala (sempilo) na?"
11. Ngisho noma ngabe sesingamathambo abolile?
12. Bathi, "lokho kuyokuba ukuphindela (empilweni) enokulahlekelwa.
13. Kuphela kuyokuba ukukhala okukodwa.
14. Kulapho bona besemhlabeni.
15. Ngakube yafika yini kuwena indaba kaMose?
16. Ngenkathi ebizwa yiNkosi yakhe esigodini esingcwele iTuwa
17. (Ithi) hamba uye kuFaro ngempela yena wephule umthetho.
18. Bese uthi (kuyena) "ngakube uyafuna yini ukuzihlanza?
19. Futhi ngikuholele eNkosini yakho ukuze uyesabe.
20. Ngakho-ke wamkhombisa uphawu olukhulu.
21. Kepha (uFaro) wenqaba wangahloniphi.
22. Wayesephendukela emumva ezabalaza.

23. Ngakho-ke waqoqa wamemeza.
24. Wayesethi, "mina ngiyiNkosi yenu ephakeme kakhulu".
25. Ngakho-ke wamthatha uMvelinqangi ngesijeziso esiyisibonelo sempilo ezayo neyamanje.
26. Ngempela kulokho kunesifundo kulowo owesaba (uMvelinqangi) olungileyo.

***Isigaba sesibili (2)***

27. Ngakube nina ninzima yini ekudalweni noma yizulu alakhile na?
28. Wakuphakamisa ukuphakama kwalo walenza labalihle.
29. Futhi wamboza ubusuku balo futhi wakhipha ukukhanya kwalo.
30. Nomhlaba emva kwalokho wawendlala.
31. Wakhipha kuwona amanzi awo nedlelo lawo.
32. Kanye nezintaba wazizinzisa zaqina.
33. Injabulo (isabelo) senu kanye nezinkomo zenu.
34. Manjalo ngenkathi kufika isehlakalo esikhulu.
35. Usuku lapho umuntu ekhumbula konke akuzabalazele.
36. Futhi siyovezwa obala isihogo kulowo obonayo.
37. Mayelana nalowo owephula umthetho.
38. Futhi wakhetha impilo yalomhlaba.
39. Ngakho-ke ngempela isihogo sona siyindawo yokuhlala.
40. Futhi mayelana nowesaba isimo seNkosi yakhe futhi anqabele umphefumulo (wakhe) ezikhanukweni.
41. Ngakho-ke ngempela isivande sona siyindawo yokuhlala.
42. Bakubuza ngehora ukuthi liyofika nini.
43. Yini wena ongayisho ngalo na?
44. YiseNkosini yakho lapho liphelela khona (ulwazi lwalo) ihora.
45. Kuphela wena ungumxwayisi kulowo olesabayo.

46. Ngosuku abayolibona ngalo (ihora) kuyokuba sengathi bona abazange bahlale (kulomhlaba) ngaphandle kwentambama noma ikuseni kwalo.

# (80)
# Abasa – ukuhwaqabala (kokudinwa)

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Wahwaqabala wafulathela.
2. Ngenxa yokuthi kwafika kuyena impumputhe.
3. Futhi yini engakwenza wazi ukuthi angase ahlanzeke?
4. Noma akhumbule bese kuyamsiza ukukhumbula.
5. Mayelana nalowo obona ukuthi akadingi lutho.
6. Manjalo wena uyamnaka.
7. Futhi alikho (icala) kuwena uma engahlanzeki.
8. Futhi mayelana nalowo owafika kuwena egijima.
9. Futhi esaba (uMvelinqangi).
10. Ngakho-ke wena awumnaki
11. Lutho! Ngempela wona (amavesi) ayisikhumbuzo.
12. Ngakho-ke noma ngabe ngubani othandayo akayikhumbule (iQur'an).
13. Emaphepheni (emibhalweni) ehloniphekile.
14. Iphakeme ihlanjiwe.
15. Ngezandla zababhali (izingelosi).
16. Abahloniphekile abangamanxusa.
17. Akubhujiswe umuntu ngenxa yokungakholwa kwakhe.
18. Wamdala ngani into?
19. Ngeconsi lesidoda wamdala, manjalo wayeseyamlinganisa (ngokumbumba).
20. Wayesemenzela lula indlela (yokuzalwa).
21. Wayesemenza ukuthi afe wayesemenzela ingcwaba.
22. Bese uma ethanda amvuse ekufeni.
23. Lutho! Akakufezi lokho amphoqa ngakho.
24. Ngakho-ke umuntu akabheke ekudleni kwakhe.

25. Thina sathela amanzi amaningi.
26. Sabe sesiqhekeza umhlaba ngokuqhekeka (okukhulu).
27. Sabe sesimilisa kuwona uhlamvu.
28. Kanye namagilebhisi nemfino.
29. Kanye nomu-olivi nesundu.
30. Kanye nezivande ezinothile.
31. Nezithelo notshani.
32. Yinjabulo (yisabelo) senu kanye nezinkomo zenu.
33. Ngakho-ke uma kufika ukukhala okunzima (usuku lokwahlulelwa).
34. Usuku lapho umuntu eyobalekela umfowabo.
35. Nonina noyise.
36. Nonkosikazi wakhe nezingane zakhe.
37. Wonke umuntu phakathi kwabo ngalolosuku uyobe ezinake yena.
38. Ubuso ngalolosuku buyokhanya.
39. Ukuhleka, ukuthokozela izindaba ezimnandi.
40. Futhi (obunye) ubuso ngalolosuku buyokuba nothuli.
41. Ubumnyama buyobumboza (ubuso bomuntu owayengakwenzi okulungileyo).
42. Labo-ke bona abangakholwa, abonayo abenzi bokungalungile.

# (81)
# Attakwir – ukugoqa (ukusonga)

**Isigaba sokuqala (1)**

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Khumbula ngenkathi ilanga lisongwa.
2. Khumbula nangenkathi izinkanyezi zihlakazeka.
3. Khumbula nangenkathi izintaba zisuswa (zibhidlizwa).
4. Khumbula nangenkathi amakameli amithi enganakwa.
5. Khumbula nangenkathi izilwane zasendle ezinkulu ziqoqelwa ndawonye.
6. Khumbula nangenkathi izilwandle ziba njengemililo evuthayo (zihlangana izilwandle).
7. Khumbula nangenkathi imiphefumulo ihlanganiswa nemizimba yayo.
8. Khumbula kanye nentombazane eyangcwatshwa iphila ibuzwa.
9. Khumbula ukuthi yabulawelani na?
10. Khumbula nangenkathi amakhasi (amaphepha) evulwa.
11. Khumbula nangenkathi isibhakabhaka sivulwa.
12. Khumbula nangenkathi isihogo senziwa ukuthi sivuthe.
13. Khumbula nangenkathi isivande sisondezwa.
14. Uyokwazi umphefumulo lokho okuwulethile (izenzo ezinhle noma ezimbi).
15. Ngakho-ke ngifunga ngezinkanyezi.
16. Ezihambayo bese ziyacasha.
17. Nangobusuku ngenkathi buhamba (kuvela ukukhanya).
18. Nangokusa ngenkathi kukhanya.
19. Ngempela kona kuyinkulumo yesithunywa esihloniphekile.
20. Umnikazi wamandla kanye nomnikazi wesihlalo sobukhosi osezingeni eliphezulu.

21. Usihloniphekile futhi uthembekile (uMuhammad).
22. Futhi umngane wenu akahlanyi.
23. Futhi ngempela wambona (uGabriyeli) esemkhathini ocacile.
24. Futhi yena akancishani (nolwazi) lokungabonwa.
25. Futhi yona (iQur'an) ayisiyona inkulumo kasathane ogxoshiwe (ezulwini).
26. Niyaphi ke?
27. Lokhu akuyilutho ngaphandle kwesikhumbuzo semihlaba (sabantu namajinn).
28. Kunoma ngabe ngubani phakathi kwenu othanda ukuqonda.
29. Futhi anithandi ngaphandle kokuba kuthanda uMvelinqangi iNkosi yemihlaba (abantu namajinn).

# (82)
# Infita'r – ukuklezuka (ukudabuka phakathi)

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Khumbula ngenkathi isibhakabhaka sidabuka phakathi.
2. Futhi khumbula angenkathi izinkanyezi ziwa zisakazeka.
3. Futhi khumbula nangenkathi izilwandle ziqhuma (izingxenye zazo zihlangana nezinye.
4. Futhi khumbula nangenkathi amangcwaba wmbulwa.
5. Umphefumulo uyokwazi lokho owakuthumela ngaphambili nowakushiya ngemumva.
6. Oh muntu! Yini eyakukhohlisa ngeNkosi yakho ephanayo.
7. Eyakudala, yakubumba yabe seyiyakulinganisa.
8. Yakwenza waba yinoma yisiphi isimo eyisithandayo.
9. Cha! Kepha niyaluphika (usuku) lokwahlulelwa.
10. Futhi ngempela kunabaqaphi (izingelosi) phezulu kwenu (ezibhala enikwenzayo).
11. (Abaqaphi) abahloniphekile ababhalayo.
12. Bayakwazi lokho enikwenzayo.
13. Ngempela abalungile bayobasenjabulweni.
14. Futhi ngempela abangalungile bayokuba semlilweni wesihogo.
15. Bayongena phakathi kuwona ngosuku lokwahlulela.
16. Futhi bona angeke baphuthe kuwona.
17. Futhi yini ekwenza wazi ukuthi luyini usuku lokwahlulelwa.
18. Khona manjalo yini ekwenza wazi ukuthi luyini usuku lokwahlulelwa?

19. Lolo usuku lapho umphefumulo ungeke uphathele (omunye) umphefumulo (amandla okwenza) okuthize futhi umyalo ngalolosuku ngoka Mvelingqangi.

# (83)
# Al-Mutafifin – Abakhwabanisayo esikalweni

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Usizi kulabo abakhwabanisayo.
2. Labo okuthi uma bethatha isilinganiso kubantu, bathatha ngokugcwele.
3. Futhi uma bebalinganisela noma bebakalela banikeza okungaphansi (kwesisindo).
4. Abacabangi yini ukuthi bona bayovuswa kwabafileyo?
5. (Bevuselwa) usuku olukhulu.
6. Usuku lapho abantu beyokuma ngaphambili kweNkosi yemihlaba
7. Lutho! Ngempela ukubhalwa phansi kwezenzo (zabonayo) kusejele (esimweni esinzima).
8. Futhi yini ekwenza wazi ukuthi yini ijele (isimo esinzima).
9. Incwadi ekubhalwa kuyona (izenzo zabantu) ibhaliwe.
10. Usizi ngalolosuku kwabaphikayo.
11. Labo abaphika usuku lokwahlulelwa.
12. Futhi akekho oluphikayo ngaphandle kwawo wonke (umuntu) owephula umthetho oyisoni.
13. Uma efundelwa amavesi ethu uthi, “yizinganekwane zabasendulo”.
14. Lutho! Kepha kunesembozo ezinhliziyweni zabo salokho ababekusebenzela.
15. Lutho! Ngempela bona ngalolosuku bayosithezwa (ekuboneni) iNkosi yabo.
16. Bese ngempela bona bayongena emlilweni ovuthayo.
17. Bese kuthiwa, “nakhu lokhu nina enanikuphika.

18. Lutho! Ngempela umbhalo (umlando) wabalungile ugciniwe kwi-Illiyun.
19. Futhi yini ekwenza wazi ukuthi yini I-illiyun?
20. Incwadi elotshiwe.
21. Bayoyibona labo abasondele (kuMvelinqangi).
22. Ngempela abalungile basenjabulweni.
23. Babheke emibhedeni yokucambalala emihle.
24. Uyazi (ngokuzibonela) ebusweni babo ukukhanya kwenjabulo.
25. Baphuziswa iwayini elimsulwa elisicilelwe.
26. Isisicilelo salo amakha futhi kulokho abancintisane abancintisani.
27. Inhlanganisela yalo (iwayini) yiTasneem (yisipho sasezulwini esiseqophelweni eliphezulu).
28. Umthombo lapho kuphuza khona abasondele (kuMvelinqangi).
29. Ngempela labo ababejwayele ukwenza ubugebengu babejwayele ukuhleka labo abakholwayo.
30. Futhi kwakuthi uma (ababenza ubugebengu) bedlula ngakubona bacishelane amehlo.
31. Futhi uma bephindela kubantu babo baphindela benza amahlaya.
32. Futhi uma bebabona babethi, "ngempela laba badukile".
33. Futhi babengathunyelwanga kubona ukuba ngabalondolozi babo.
34. Ngakho-ke ngalolusuku labo abakholwayo bahleka labo abangakholwa.
35. Emibhedeni yokucambalala emini bebhekile.
36. Ngakube banikezwa umvuzo abangakholwa ngalokho ababekwenza?

# (84)
# Inshiqaq – ukuqhekeka phakathi

## ***Isigaba – sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Khumbula lapho izulu liyohlakazeka khona.
2. Futhi khumbula lilalela iNkosi yalo futhi kufanele likwenze lokho.
3. Futhi khumbula nangenkathi umhlaba unwetshwa.
4. Futhi khumbula (umhlaba) ukhipha konke okuphakathi kuwona usale ungenalutho.
5. Futhi ulalela iNkosi yawo futhi kufanele ukwenze lokho.
6. Oh muntu! Ngempela wena usebenzele iNkosi yakho ukusebenza okuphelele ekugcineni uzohlangana nayo.
7. Mayelana nalowo onikezwa incwadi yakhe (yezenzo zakhe) esandleni sakhe sokunene.
8. Manjalo uyokwahlulela ngokwahlulela okulula.
9. Futhi aphindele kubantu bakhe ejabulile.
10. Kepha lowo onikezwe incwadi yakhe (yezenzo zakhe) ngemumva komhlane wakhe.
11. Manjalo uyobe ezifunela ukubhujiswa.
12. Futhi angene emlilweni ovuthayo.
13. Ngempela yena wayephakathi kwabantu bakhe (bakubo) ejabulile.
14. Ngempela yena wayecabanga ukuthi angeke aphindele (kuMvelinqangi.
15. Yebo! Ngempela iNkosi yakhe ngasosonke isikhathi yayimbona.
16. Kepha lutho! Ngifunga ngobubomvu bokushona kwelanga.
17. Futhi ngifunga nangobusuku kanye nalokho okwenza ukuthi kubemnyama.

18. Futhi ngifunga nangenyanga ngenkathi igcwala.
19. Ngempela niyodlula izigaba ngezigaba.
20. Ngakho-ke kwenzenjani ngabo ukuthi bangakholwa na?
21. Futhi uma befundelwa iQur’an abajabalali (abakhothami kuMvelinqangi).
22. Kepha labo abangakholwanga bayaphika.
23. Futhi uMvelinqangi wazi kakhulu ngalokho abakugcina ngaphakathi kubona.
24. Ngakho-ke batshele ngesijeziso esibuhlungu.
25. Ngaphandle kwalabo abakholwayo futhi abenza izenzo ezilungileyo okwabo ngumvuzo ongasoze wanqamuka.

# (85) Al-Buruj – Izinkanyezi ezinkulu

***Isigaba sokuqala***

*Egameni likaAllahonomusa onesihawu*

1. Futhi ngifunga ngesibhakabhaka esibambe izinkanyezi ezinkulu.
2. Futhi ngifunga nangosuku oluthenjisiwe.
3. Nangofakazi kanye nalokho okufakazelwayo.
4. Babhujisiwe (abaqalekiswa) yizihlali zasemseleni.
5. Umlilo ogcwele izinkuni.
6. Ngenkathi bona bahleli eduzane nawo.
7. Futhi bona bengofakazi kulokho abakwenzayo kwabakholwayo.
8. Futhi abazange babahluphe ngaphandle kokuthi abakholelwe kuMvelinqangi ophakeme ngamandla odunyiswayo.
9. Lowo okungowakhe umbuso wamazulu nomhlaba futhi uMvelinqangi ungobonwayo (ongufakazi) phezulu kwezinto zonke.
10. Ngempela labo abalinga abakholwayo besilisa nabakholwayo besifazane bese bengazisoli (kuMvelinqangi) ngakho-ke okwabo yisijeziso sesihogo futhi okwabo yisijeziso somlilo ovuthayo.
11. Ngempela labo abakholwayo futhi abenza izenzo ezilungileyo okwabo yizivande okugeleza ngaphansi kwazo imifula, lokho yimpumelelo enkulu.
12. Ngempela ukushaya kweNkosi yakho kunzima.
13. Ngempela iyona eqala (indalo) futhi iyiphinde.
14. Futhi yona iyathethelela inothando.
15. Umnikazi wesihlalo sobukhosi, Almajid (odunyiswayo ohlonishwayo).
16. Umenzi walokho akuthandayo.

17. Ngakube yafika yini indaba yamabutho empi?
18. UFaro kanye noThamud.
19. Kepha labo abangakholwanga basekuphikeni.
20. Futhi uMvelinqangi ubasingethe ngemumva kwabo.
21. Kepha yona iyiQur'an ehloniphekile.
22. Esoqwembeni olugciniwe.

# (86)
# Atta'riq – Okukhanya ebusuku (inkanyezi)

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngifunga ngesibhakabhaka nangokukhanyayo ebusuku.
2. Futhi yini ekwenza wazi ukuthi yini okukhanyayo ebusuku.
3. Yinkanyezi ekhanyayo.
4. Awukho umphefumulo kepha phezu kwawo kunomlondolozi.
5. Ngakho-ke akabheke umuntu ukuthi wadalwa ngani.
6. Wadalwa ngamanzi (uketshezi) olukhishwa (owesilisa nowesifazane) isidoda.
7. Aphuma phakathi emgogodleni nasezimbanjeni.
8. Ngempela yena (uMvelinqangi) uyakwazi ukumphindisela emumva (empilweni).
9. Ngosuku lapho izimfihlo ziyolingwa (ziyovezwa obala).
10. Ngifunga ngakho-ke angeke abenawo amandla nomsizi.
11. Futhi ngifunga ngezulu (ngesibhakabhaka) esiletha imvula ngokuphindelela.
12. Futhi ngifunga ngomhlaba ngenkathi uqhekeka phakathi.
13. Ngempela kona kuyinkulumo ehlukanisayo (okuhle nokubi).
14. Futhi kona akuyiwona umdlalo.
15. Ngempela bona benza icebo.
16. Futhi nami ngenza icebo.
17. Ngakho-ke banike ithuba abangakholwa, bayekwe okwesikhashana ngobumnene.

# (87)
# Al-Aala – ukuphakama kakhulu

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Dumisa igama leNkosi yakho ephakeme kakhulu.
2. Okuyiyona eyadala yalinganisa (konke ngesimo sako).
3. Futhi okuyiyona ekalayo futhi eholayo.
4. Futhi okuyiyona eyaveza okuluhlaza (utshani nezihlahla).
5. Yabe seyikwenza kwaba yizinhlanga ezinsundu.
6. Sizokwenza ukuthi ufunde angeke ukhohlwe.
7. Ngaphandle kwalokho okufiswa nguMvelinqangi, ngempela yena uyakwazi okusobala kanye nalokho okufihlekile.
8. Futhi sikwenzela kubelula okulula.
9. Ngakho-ke khumbuza uma kungukuthi siyakusiza isikhumbuzo.
10. Uyokhumbula lowo owesaba (uMvelinqangi).
11. Futhi uyokugwema (ukukhunjuzwa) lowo muntu omubi kakhulu.
12. Lowo uzokusha emlilweni omkhulu.
13. Bese engafi lapho phakathi kuwona futhi angaphili.
14. Ngempela uphumelele lowo ozihlanzayo.
15. Futhi akhumbule igama leNkosi yakhe athandaze.
16. Kepha nikhetha impilo yalomhlaba.
17. Futhi impilo ezayo ingcono futhi ingehlalayo engapheliyo.
18. Ngempela lokhu kusemibhalweni yokuqala.
19. Imibhalo ka-Abrahamu noMose.

# (88)
# Al-Ghashiyah – Isehlakalo esehlulayo

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngakube seyafika yini kuwena indaba yesehlakalo esehlulayo.
2. Ubuso ngalolosuku buyothotshiswa.
3. Busebenza bukhandlekile.
4. Bungena emlilweni ovuthayo.
5. Buphuziswa esiphethwini esibilayo.
6. Abanako ukudla ngaphandle kwesihlahla sameva sasesihogweni.
7. Isihlahla asondli futhi asisizi ekulweni nendlala.
8. (Obunye) ubuso ngalolosuku buyothokoza.
9. Buthokozela imizamo yabo.
10. Esivandeni esiphakeme.
11. Awuyizwa lapho phakathi inkulumo eyilize (engamanga).
12. Lapho phakathi kunomthombo ogelezayo.
13. Lapho phakathi kunemibhede ephakanyisiwe.
14. Nezinkomishi ezibekiwe.
15. Nemiqamelo ebekwe yaba uhlu.
16. Kanye nabokhaphethi abendlaliwe.
17. Ngakube abawaboni yini amakameli ukuthi adalwa kanjani na?
18. Nesibhakabhaka ukuthi saphakanyiswa kanjani.
19. Nezintaba ukuthi zakhiwa kanjani?
20. Nomhlaba ukuthi wendlalwa kanjani?
21. Ngakho-ke khumbuza, kuphela wena ungumkhumbuzi.
22. Awusiyena umphoqi kubona ukuthi bakholwe.
23. Ngaphandle kwalowo ofulathelayo futhi angakholwa.

24. Ngakho-ke uMvelinqangi uyomjezisa ngesijeziso esikhulu kakhulu.
25. Ngempela kukuthina ukuphindela kwabo.
26. Bese ngempela kuba kuthina ukubalelwa kwabo.

# (89)
# Al-Fajr – ukusa

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngifunga ngokusa.
2. Futhi ngifunga nangobusuku obuyishumi.
3. Futhi ngifunga nangokulingene nokukodwa (okungalingani).
4. Futhi ngifunga nangobusuku ngenkathi buhamba.
5. Ngakube kulokho kunesifundo kulowo oqondayo.
6. Awuzange yini ubone ukuthi yenza kanjani iNkosi yakho ku-Ad
7. I – iram enezinsika (eziqatha eziphakeme).
8. Okuyiyona okungekho okwakhiwe njengayo ezweni.
9. Kanye noThamud okunguyena owagumba idwala esigodini.
10. NoFaro umnikazi wezigxobo.
11. Labo abangazange bahloniphe ezweni.
12. (uFaro nabantu bakhe) benza okuningi ukukhwabanisa kulona (izwe).
13. Ngakho-ke iNkosi yakho yathela phezulu kwabo isijeziso.
14. Ngempela iNkosi yakho ingeqaphile.
15. Mayelana nomuntu uma imlinga iNkosi yakhe bese imnika ukuhlonipheka bese imupha (umusa nokunye) bese ethi, "iNkosi yami iyangithanda"
16. Kepha uma (iNkosi yakhe) imlinga ngokumncisha (noma imnciphisele) isabelo sakhe bese ethi, "iNkosi yami ingidumazile".
17. Lutho! Kepha aniyihloniphi intandane.
18. Futhi anibancengi abantu ukuthi bondle abampofu.
19. Futhi nidla ifa ngokudla komona.
20. Futhi nithanda ingcebo ngothando olukhulu.

21. Lutho! Futhi khumbula ngenkathi umhlaba ubuthuzeka wendlaleka ubayizicucu.
22. Futhi khumbula ngenkathi iNkosi yakho iza kanye nezingelosi zingolayini (ngezigaba zazo).
23. Futhi isihogo ngalolosuku siyokwenziwa ukuthi sibeseduzane, ngalolosuku umuntu uyokhumbula, futhi ukukhumbula kwakhe kuyomsiza ngani na?
24. Uyothi, "Oh ukuba nje ngangithumele ngaphambili (okuhle) kwempilo yami.
25. Ngakho-ke ngalolosuku akekho ongajezisa ngendlela (uMvelinqangi) azojezisa ngayo.
26. Futhi akekho ongabopha ngendlela ayobopha ngayo.
27. Oh mphefumulo onokuthula!
28. Phindela eNkosini yakho uthokozile uthokozisa.
29. Ngakho-ke ngena phakathi kwezinceku zami.
30. Futhi ungene (esivandeni) ezulwini lami.

# (90)
# Al-Balad – Idolobha

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngifunga ngaleli dolobha (Makkah).
2. Futhi wena (uMphrofethi) uvunyelwe kulelidolobha.
3. Futhi ngifunga ngomzali kanye nalokho akuzalayo.
4. Ngempela samdala umuntu ebunzimeni.
5. Ngakube ucabanga ukuthi akasoze abekhona ongaphezulu kwakhe ongamehlula.
6. Uthi, "ngichithe umnotho omningi".
7. Ngakube ucabanga ukuthi akekho noyedwa ombonayo.
8. Asizange yini simenzele amehlo amabili.
9. Nolimi nezindebe ezimbili.
10. Futhi samholela ezindleleni ezimbili.
11. Kepha akakozami ukuhamba endleleni enyukayo (enzima).
12. Futhi yini ekwenza wazi ukuthi indlela eyenyukayo (inzima).
13. Ukukhulula isigqila.
14. Noma ukondla ngosuku lwendlala.
15. Intandane eyisihlobo.
16. Noma umuntu ompofu osothulini (ngenxa yokuhlupheka).
17. Wayeseba ngomunye walabo abakholwayo futhi abayalana ngokubekezela futhi beyalana ngobubele.
18. Labo-ke (bangabantu) abangakwesokunene.
19. Futhi labo abangakholwanga emavesini (ezimpawini) zethu bona (bangabantu) abangakwesokunxele.
20. Phezulu kwabo kunomlilo ovale nhlangothi zonke.

# (91)
# As-Shams – Ilanga

***<u>Isigaba sokuqala (1)</u>***

*Egameni likaAllahonomusa onesihawu*

1. Ngifunga ngelanga nokucwazimula kwalo.
2. Futhi ngifunga ngenyanga uma ililandela (ilanga).
3. Futhi ngifunga ngemini uma ivela.
4. Futhi ngifunga ngobusuku uma buyimboza.
5. Futhi ngifunga ngesibhakabhaka kanye nalowo owasakha.
6. Futhi ngifunga ngomhlaba kanye nalowo owawendlala.
7. Futhi ngifunga ngomphefumulo kanye nalowo owawulinganisa.
8. Wasewukhombisa okubi kwawo kanye nokuhle kwawo.
9. Ngempela uphumelele lowo owuhlanzile (umphefumulo wakhe).
10. Futhi ngempela wehlulekile lowo owenze okubi kuwona.
11. (Abantu) baThamud baphika (umphrofethi wabo) ngokungahloniphi.
12. Ngenkathi lowo oyisoni kubona eya phambili.
13. Manjalo sabe sesithi isithunywa sikaMvelinqangi kubona, “Ningalithinti, yikameli lensikazi likaMvelinqangi nesiphuzo salo”.
14. Ngakho-ke basiphika (isithunywa sikaMvelinqangi) balibulala, manjalo iNkosi yabo yehlisela phezulu kwabo imbubhiso ngenxa yesono sabo yasilinganisa (kubona bonke).
15. Futhi ayiwesabi umphumela walokho.

# (92)
# Al-layli – uBusuku

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngifunga ngobusuku uma bumboza (ngobumnyama).
2. Futhi ngifunga ngemini uma ivela.
3. Futhi ngifunga ngalowo owadala isilisa nesifazane.
4. Ngempela ukuzabalaza kwenu kwehlukahlukene.
5. Mayelana nalowo onikezayo futhi asabe (uMvelinqangi).
6. Futhi akholelwe kokuhle kakhulu.
7. Manjalo siyomenzela lula indlela elula.
8. Futhi mayelana nalowo oncishanayo futhi ozibona ukuthi.
9. Futhi uphika okuhle kakhulu.
10. Manjalo siyomenzela lula indlela eya ebunzimeni.
11. Futhi ayimsizi ingcebo yakhe uma esewa (efa).
12. Ngempela kuphezulu kwethu ukuholwa.
13. Futhi ngempela ngeyethu impilo ezayo neyamanje.
14. Ngakho-ke nganexwayisa ngomlilo ovuthayo.
15. Akekho oyongena kuwona ngaphandle koyisoni kakhulu.
16. Lowo owaphika futhi wafulathela (endleleni eqondile).
17. Futhi uyokuqhelelaniswa nabalungileyo.
18. Lowo onikela ngengcebo yakhe ukuze azihlanze.
19. Futhi akukho ngisho nakoyedwa kuyena emseni ukuze anikezwe wona.
20. Ngaphandle kokufuna ubuso beNkosi yakhe, ephakeme kakhulu.
21. Futhi uzothokoza.

# (93)
# Ad-Dhuhah – ukukhanya kokusa

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngifunga ngokukhanya kokusa.
2. Futhi ngifunga ngobusuku uma bubamnyama.
3. Ayikulahlile iNkosi yakho futhi ayikuzondi.
4. Futhi ngempela impilo ezayo ingcono kuwena kuneyamanje.
5. Futhi ngempela iNkosi yakho izokunika ukuze uthokoze.
6. Ayikutholanga yini uyintandane yabe seyiyakukhoselisa.
7. Futhi yakuthola ulahlekile yabe seyiyakuhola.
8. Futhi yakuthola untula umpofu yabe seyiyakunothisa.
9. Ngakho-ke intandane ungayicindezeli.
10. Futhi mayelana nofuna usizo ungaqhelelani (naye).
11. Futhi ngobubele beNkosi yakho yazisa (abanye)

# (94)
# Al-Inshirah – ukunwebeka

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Asizange yini sikunwebele (sikuvulele) isifuba sakho na?
2. Futhi sawususa kuwena umthwalo wakho.
3. Lowo owehlisela phansi umhlane wakho.
4. Futhi sakunyusela udumo lwakho.
5. Manjalo, ngempela kanye nobunzima kunobulula.
6. Futhi ngempela kanye nobunzima kunobulula.
7. Ngakho-ke uma usuqedile (umsebenzi wakho) sukuma (uphinde uthandaze).
8. Futhi fisa eNkosini yakho.

# (95)
# At-Tin – Ikhiwane

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngifunga ngekhiwane nangomhlwathi.
2. Futhi ngifunga ngentaba iSinayi.
3. Futhi ngifunga ngalelidolobha eliphephile (Makkah).
4. Ngempela samdala umuntu ngokubunjwa (ngesimo) esihle kakhulu.
5. (Emva kwalokho) sabe sesimehlisela kokuphansi kakhulu.
6. Ngaphandle kwalabo abakholwayo futhi abenza izenzo ezilungileyo, manjalo okwabo ngumvuzo ongapheliyo.
7. Ngokho-ke yini lena ekwenza uphike usuku lokwahlulela.
8. Akusiyena yini uMvelinqangi umehluleli wabehluleli na?

# (96)
# Al-Alaq – Ihlule

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Funda ngegama leNkosi yakho eyadala.
2. Eyadala umuntu ngehlule.
3. Funda, futhi iNkosi yakho inobubele kakhulu.
4. Okuyiyona eyafundisa ngepeni lokubhala.
5. Yafundisa umuntu lokho angakwazi.
6. Lutho! Ngempela umuntu wephula umthetho (kaMvelinqangi).
7. Uma ezibona ukuthi akadingi lutho.
8. Ngempela kuseNkosini yakho ukuphindela.
9. Ngakube umbonile yini lowo (u-Abujali)ovimba.
10. Inceku (umphrofethi) uma ithandaza.
11. Ngakube ubonile yini uma esekuholweni.
12. Noma ayale ngokulunga.
13. Ngakube ubonile yini uma ephika futhi efulathela (iqiniso).
14. Akazi yini ukuthi uMvelinqangi uyabona.
15. Lutho! Uma engaphezi, ngempela siyomdonsa ngesihlonti.
16. Isiphongo esiqamba amanga esiyisoni.
17. Ngakho-ke akabize iqembu lakhe.
18. Siyobiza abaqaphi besihogo.
19. Lutho! Ungamhloniphi kodwa guqa phansi futhi usondele (kuMvelinqangi).

# (97)
# Al-Qadr – uBusuku obunamandla

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngempela sayethumela phansi (iQur'an) ngobusuku obunqunyiwe.
2. Futhi yini ekwenza wazi ukuthi yini ubusuku obunqunyiwe?
3. Ubusuku obunamandla bungcono kunezinyanga eziyinkulungwane.
4. Izingelosi kanye nomoya (uGabriyeli) zehlika ngabo (ubusuku obunamandla) ngemvume yeNKosi yazo nalolonke udaba.
5. Ukuthula yikona! Kuze kube ukuphakama kokusa.

# (98)
# Al-Bayinah – uBufakazi obucacile

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Labo abangazange bakholwe abaphuma phakathi kwabantu bencwadi kanye nabakhonza izithombe abazange bayeke (ukukhonza izithombe) kwaze kwaba yilapho befikelwa ubufakazi obucacile.
2. Isithunywa esivela kuMvelinqangi sifunda imibhalo emsulwa.
3. Phakathi kunemibhalo eyiqiniso.
4. Futhi abazange baqembukelane labo ababenikezwe incwadi kwaze kwaba yingemumva kokuthi sekufike kubona ubufakazi obucacile.
5. Futhi abazange baphoqwe ngaphandle kokuthi bakhonze uMvelinqangi babeqotho kuyena ngenkolo, babeneqiniso futhi benze umthandazo futhi banikele ngezakaah (ingxenye yengcebo ekhokhwa kwabampofu) futhi leyo yinkolo yeqiniso.
6. Ngempela labo abangazange bakholwe abaphuma phakathi kwabantu bencwadi nabakhonza izithixo bayokuba semlilweni wesihogo bayohlala phakathi kuwona ingunaphakade, labo-ke bona bayizidalwa ezimbi.
7. Ngempela labo abakholwayo futhi abenza izenzo ezilungileyo labo-ke bona bayizidalwa ezinhle.
8. Umvuzo wabo useNkosini yabo kuyoba yizivande zangunaphakade okugeleza ngaphansi kwazo imifula, bayohlala lapho phakathi ingunaphakade uMvelinqangi uyothokoza ngabo futhi bayothokoza ngaye, lokho okwanoma ngabe ngubani owesaba iNKosi yakhe.

# (99)
# Al-Zilzal – ukunyakaza
# (ukuzamazama komhlaba)

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Khumbula ngenkathi uma umhlaba uyozama-zama ngokunyakaza kwawo.
2. Futhi khumbula ngenkathi umhlaba ukhipha imithwalo yawo.
3. Futhi khumbula umuntu uyothi, “kwenzekani ngawo”.
4. Ngalolosuku uyokhuluma izindaba zawo.
5. Ngokuthi iNkosi yakho iyowushisekelisa.
6. Ngalolosuku abantu bayoza bengamaqembu ukuze bakhonjiswe izenzo zabo.
7. Ngakho-ke noma ngabe ngubani owenza okungangesisindo esincane sokuhle uyokubona.
8. Futhi noma ngabe ngubani owenza okungangesisindo esincane sokubi uyokubona.

# (100)
# Al-Adiyat – lokho okugijimayo

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngifunga ngalokho okugijimayo (amahashi) okukhefuzelayo.
2. Okukhipha umlilo.
3. Amahashi ahlasela ekuseni.
4. Futhi ngifunga ngamahashi avusa uthuli.
5. Kanye nokufika lapho maphakathi beyisisixuku.
6. Ngempela umuntu eNkosini yakhe akabongi.
7. Futhi ngempela yena kulokho ungufakazi.
8. Futhi ngempela yena usothandweni kakhulu lengcebo.
9. Ngakube akazi yini ukuthi ngenkathi kusakazwa lokho okusemangcwabeni.
10. Futhi kwenziwa kwaziwa lokho okusezifubeni.
11. Ngempela iNkosi yabo ngalolosuku (lokwahlulela) iyazi kabanzi ngabo.

# (101)
# Al-Qari'ah – ukushaya

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ukushaya (kwehora).
2. Yini ukushaya?
3. Futhi yini ekwenza wazi ukuthi yini ukushaya (kwehora).
4. Usuku lapho abantu beyobe benjengezimvemvane ezisakaziwe.
5. Futhi izintaba ziyoba sengathi uvolo oyimpafumpafu (ziyobhidlika ziqonde).
6. Mayelana nalowo isisindo(sezenzo) zakhe (ezinhle) ziyosinda.
7. Manjalo yena iyongena empilweni ethokozisayo.
8. Futhi mayelana nalowo izikalo (zezenzo) zakhe (ezinhle) ziyobalula.
9. Manjalo indawo yakhe yokuhlala umgodi wesihogo.
10. Futhi yini ekwenza wazi ukuthi kuyini lokho?
11. Umlilo ovutha kakhulu.

# (102)
# At-Takathur – ukuqoqela ndawonye

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ukuqoqela ndawonye (umnotho) kunenza niphambuke.
2. Kuze kube nivakashela emangcwabeni.
3. Cha! Niyokwazi.
4. Futhi cha! Niyokwazi.
5. Cha! Ukube benazi ngolwazi oluqinisekile.
6. Ngempela nizosibona isihogo.
7. Bese ngempela niyasibona ngamehlo okuqiniseka.
8. Bese ngempela ngalolosuku niyabuzwa ngentokozo

# (103)
# Al-Asar – Isikhathi

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngifunga ngesikhathi.
2. Ngempela umuntu usekudukeni (usekulahlekeni).
3. Ngaphandle kwalabo abakholwayo futhi abenza izenzo ezinhle ezilungileyo futhi abayalana ngeqiniso futhi abayalana ngokubekezela.

# (104)
# Al'humazah – inhlebi

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Usizi kuyona yonke inhlebi nenhlekisa.
2. Lowo ohlanganisa ingcebo futhi ayibale.
3. Ucabanga ukuthi ingcebo yakhe iyomenza ukuthi ahlale ingunaphakade.
4. Lutho! Ngempela uyophonswa emlilweni wesihogo.
5. Futhi yini ekwenza wazi ukuthi yini umlilo wesihogo?
6. Ngumlilo kaMvelinqangi obaselwe (ovuthayo).
7. Okuyiwona owenyukela ezinhliziyweni.
8. Ngempela wona (umlilo wesihogo) uyobamboza.
9. Ezinsikeni ezinwetshiwe.

# (105)
# Al-Fil – Indlovu

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Awuzange ubone yini ukuthi iNkosi yakho yabenza kanjani abanikazi bezindlovu?
2. Ayizange yini idunge icebo labo na?
3. Futhi (iNkosi yakho) yathumela phezu kwabo iqulu lezinyoni.
4. Zibajikijela ngamatshe obumba oluqinile.
5. Ngakho-ke yabenza kwaba sengathi bawutshani obudliwe (yimfuyo).

# (106)
# Al-Quraysh – Isizwe samaqureysh

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ukuvikeleka (kwesizwe) samaQuraysh.
2. Ukuvikeleka kwabo ohambweni (lwabo) lwasebusika nasehlobo.
3. Ngakho-ke abakhonze iNkosi yalendlu.
4. Ekuyiyona eyabanika ukudla (eyabondla) futhi yabaphephisa ekusabeni.

# (107)
# Al-Maun – Isidingo

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngakube uyambona yini lowo ophika inkolo?
2. Lowo uyilowo ochiliza intandane.
3. Futhi ongakukhuthazi ukondliwa kwabampofu.
4. Yeka usizi kulabo abathandazayo.
5. Labo, bona abangawunaki umthandazo wabo.
6. Labo, bona ababukisayo (ngezenzo zabo).
7. Futhi abagodla usizo (nesidingo).

# (108)
# Al-kawthar – inala

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Ngempela sakunika inala.
2. Ngakho-ke thandaza eNkosini yakho futhi unikele ngokuhlaba isilwane.
3. Ngempela isitha sakho, sona siyanqanyulwa (valwa inzalo).

# (109)
# Al-kafirun – aBangakholwa

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Yithi oh nina eningakholwayo!
2. Angikukhonzi lokho enikukhonzayo.
3. Futhi nani anikukhonzi lokho engikhonzayo.
4. Futhi nami angisoze ngakhonza lokho enikukhonzayo.
5. Futhi nani anisoze nakukhonza lokho engikukhonzayo.
6. Okwenu yinkolo yenu, nokwami yinkolo yami.

# (110)
# Al-Nasr – uSizo

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Uma kufika usizo lukaMvelinqangi nokunqoba.
2. Futhi ubona abantu bengena enkolweni kaMvelinqangi ngobuningi.
3. Ngakho-ke ngcwelisa udumo lweNkosi yakho futhi ucele intethelelo kuyona, ngempela yona ngasosonke isikhathi iyakwamukela ukuzisola (kwenceku yayo).

# (111)
# Al-Lahab – ilangabi

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Imisebenzi yezandla zika Abu Lahab iyobhujiswa kanye naye.
2. Umnotho wakhe ngeke umsize (ngalutho) kanye nalokho akuzuza izingane zakhe.
3. Uyongena emlilweni onamalangabi.
4. Kanye nonkosikazi wakhe umthwali wezinkuni zokubasa.
5. Entanyeni yakhe kunentambo ewumqhele womlilo.

# (112)
# Al-Ikhlas – uBumsulwa

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Yithi yena unguMvelinqangi oyedwa.
2. UMvelinqangi umi ingunaphakade.
3. Akazali futhi akazalanga.
4. Futhi akekho noyedwa ofana naye.

# (113)
# Al-Falaq – ukusa

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Yithi, "ngicela isiphephelo eNkosini yokusa".
2. Ebubini balokho (iNkosi) eyakudala.
3. Kanye nasebubini bobumnyama ngenkathi bufika (kuqala ukubamnyama).
4. Kanye nasebubini (balabo) abaphephetha emafindweni (abenza imilingo).
5. Kanye nasebubini bonomhawu uma esenomhawu.

# (114)
# An-Nas – Isintu

***Isigaba sokuqala (1)***

*Egameni likaAllah onomusa onesihawu*

1. Yithi, "ngicela isiphephelo ngeNkosi yabantu".
2. INkosi yesintu.
3. UNkulunkulu wesintu.
4. Ebubini bomnyenyezi (usathane) uma esehlehlela emumva.
5. Lowo onyenyeza ezifubeni zabantu.
6. Phakathi kwama-jinn nabantu.

# ISLAMIC DAWAH MOVEMENT
*of Southern Africa (IDM)*

## THE ISLAMIC DAWAH MOVEMENT OF SOUTHERN AFRICA (IDM)

**Isingeniso:** IDM izibandakanya nokugqugquzela umbiko wobu Islam kubo bonke abantu abase Afrika esemazansi.Ngokuzithoba kusukela ngonyaka ka 1977. Njengamanje isikhule yaba ngenye yezinhlangano ezinkulu ezigqugquzela la ezweni kanye nengxeye ye Afrika esemazansi, inolwazi olungaphezu kweminyaka engu 35 isinyaniswa ubuchule nekhono.

**Inhlanganisela yokugqugquzela inkolo:** yisigaba esikhulukazi la ezwenikazi, ngenqwaba yezizinda zobu Islam ngaphansi kwayo kanye nabashumayeli benkolo abaqashiwe abangaphezu kuka 50. I-IDM isaqhubeka nokwakha izindlu zokuthandaza, amagumbi, izinkasa,izindlu zo Imaam kanye nemitholampilo e Afrika esemazansi. Lesisigaba sibanemibuthano yokugqugquzela inkolo unyaka wonke.

**Isigaba sokuthuthukiswa kwesintu:** Iqale imikhankaso yokugqugquzela, izimbizo kanye nokuqeqesha okuhlanganisa yonke i-Afrika esemazansi lapho kusuke kufundiswa ngezinto ezifana ne fiqh, yidawa, ubuholi, ukuphatha, kanye nezomnotho kuhlanganisa nokusebenzisana nezinhlangano zala kanye nezamazwe omhlaba.

**Isigaba sokushicilela nocwaningo:** Lesigaba sidlala indima enkulu ekutheni umphakathi ufunde e Afrika esemazansi. Lesigaba siyacwaninga sishicilele noma yini ekumele isatshalaliswe mahhala okuhambisana ne Afrika esemazansi. Kuhlanganisa isitolo sezincwadi kanye nokuhumushela i-Qur"an ezilimini ezinkulu ezintathu la eAfrika esemazansi.

**Imfundo kuthuthukiswa kwamakhono:** Ngaphandle kokufundisa ngenkolo kunohlelo olubhekene nezenemfundo eyejwayelekile olubizwa

ngohlelo lwezemfundo nokuqeqesha, ukuthuthukiswa kwamakhono nokwakha isimo somuntu.

Ngaphansi kwalomkhakha kunemali eyaye ibekelwe imfundo eyisisekelo njengemfundiso yecomputer yabadala, izinkulisa, ukuthunga, ukukhulisa izinkukhu, yizinhlelo zezivande emakhaya, ukuqeqeshelwa imisebenzi, ukuqeqesha abaqeqeshi, imfundo yabadala kanye nezinkambo lapho kuqeqeshwa khona intsha.

**Isigaba senzenhlalakahle:** Lokhu kuhlanganisa ukondla inqwaba yezingane Ezikoleni (Madaaris), ukwakhiwa kwemitholampilo, izinkasa kanye nakho konke okuphathelene nezenhlalakahle.

**Isiphetho:** I-IDM njengamanje isesimweni esikahle sokuthi isungule futhi igqugquzele ukuthi i Afrika esemazansi ibe nobu Islam, Alhamdulillah.

## INJONGO YE IDM

Injongo ye IDM ukugqugquzela umbiko omayelana nobunye bukaNkulunkulu kubo bonke abantu base Afrika esemazansi ukuze kuphumeleliseke inhloso kaNkulunkulu yobuhle bumsulwa ngokufanayo kufake isandla ekuthuthukiseni isimilo, umphefumulo, ukuziphatha, umqondo kanye nokuthuthuka kwezizwe ngokuphelele.

## UKUSHICILELA E IDM NOCWANINGO

Uphiko lokushicilela nocwaningo kuyingxenye ye IDM yase Afrika esemazansi. Inhloso enkulu yaloluphiko ukuthungatha, lucwaninge bese lushicilela lezozihloko eziqondene ne Afrika esemazansi. Isishicilele izihloko eziningi ngohlelo lwezincwadi namapheshana okuhlanganisa nama Qur’an ngezilimi ezintathu ezinkulu, Alhamdulillah. Loluphiko lugxile emsebenzini osushicilelwe ukuhiqizwa kodwa ohambisana nezinjongo zethu. I IDM ishicilele izihloko ezihloko ng esingisi. Ngokunjalo

futhi kukhona nokushicilelwe ngezilimi okuhlanganisa isiXhosa, isiZulu, isiBhunu, yi Oshiwambo nezilimi zase Burundi.

Inhloso enkulu yaloluphiko nalokho elikushicilelayo ukuqeda nokucacisa ngezimfundisoze mayelana nenkolo yobu Islam, ngethemba lokuthi kuzocaciseleka labo abakwi Islam nalabo abangekho.

Uphiko lwe IDM lezokushicilela nocwaningo luhlela ukuqhubeka nokushicilela izihloko ezahlukene ngobu Islam okuzosiza ekutheni abantu baqonde ngobu Islam bangempela la eAfrika esemazansi okuzosiza ekutheni inani lamamuslim lenyuke la nasemhlabeni jikelele. Inhloso ephelele yaloluphiko ukuveza imigomo ecacile kulabo abangamaMuslim nalabo abangasewona ukubasiza ukuthi baqonde ngalenkolo kanye nendlela yokuphila egqugquzela bumbano, ubulungiswa, ukuzwana, ukubekezelelana nokuthula okungubu Islam.

**IDM Publications and Research Unit**
**A Division of the Islamic Dawah Movement**
*of Southern Africa*

P.O. BOX 48009, Qualbert, 4078, Durban, South Africa
Tel:(++27-31) 304 6883 Fax: (++27-31) 305 1292
Email: idm@ion.co.za www.idmdawah.co.za
islamic dawah idm_sa